***AYANDA NKOSI*** ❤️🌺 🤦‍♀️

***ISIQEPHU 1***

***KWANKOSI***

Sekuvuke bomakhelwane bathuswa ilesililo esiqhamuka kaNkosi, bayamangala ngoba lomuzi uvikelekile isango logesi. Akekho osondelayo bonke babukela emakabo abangasabi baphumele ngaphandle abanezinhloni balunguza emafasteleni kepha bonke bayabona kuthi kukhulu okwenzekayo. Iqhamuke ambulance uSinalo sekayishayele kaningi mayima nje abaholele  endlini. Bangazi ukuthi baqale ngakuphi igazi ligcwele indlu yonke omunye ashayele esibhedlela kuthi balandelwe abanye. Bathole ukuthi uLwazi udubuleke kakhulu bathathe yena kuqala alandelwe uAmanda bafakwe enqoleni eyodwa. Omunye asale asahlenga umamGugu nobabMongezi ingathathi isikhathi eside ifike enye inqola ibafice sebalungisiwe ibathathe bobabili.

Mayisuka ambulance kume amaphoyisa nawo angene azothatha ubufakazi azame kukhuluma nabo kodwa kuyacaca akukho mpendulo futhi akekho ozimisele kukhuluma. USinalo nguyena ongathi ingqondo iyasebenza ayosukumisa ubhuti wakhe naye ugcwele igazi likaAmanda. Amuphuthaze kuthi akadubulekanga amubambe emahlombe.

Sinalo:”Bhuti asambe ubabonile bamukiswe esibhedlela?”

Nathi:”Asambe, uphi uCebi?”

Bamuthalaze babukane bamubheke indlu yonke akekho baphambane  bangamutholi.

Nathi:”Bheka imoto kaLwazi mhlawumbe uhambe naye?”

Sinalo:”Imoto ayikho kodwa uLwazi uhambe nge ambulance naye udubulekile.”

Nathi:”Akakwazi ukushayela umntwana.”

Bathathe ukhiye baphume ngemoto yamawabo balibangise esibhedlela. USinalo undlula nama lobothi la endleleni ushayela ngesivinini esikhulu akacabangi nokuthi angenza ingozi. Bafike esibhedlela bangene baqonde la kwamukelwa khona abafikayo ecasualty. Bazithele kubabMongezi umthwalo wehlike kancane emahlombe abo, uyayaluka naye wehla uyakhuphuka.

Nathi:”Baba.”

Ababheke aziqinise kodwa udabukile

BabMongezi:”Nikahle bafana bami?”

Sinalo:”Asithintekanga thina wena ubudubulekile.”

BabMongezi:”Cha angithintekanga ngiqulekile ngifike la esibhedlela sengiphapheme.”

Nathi:”Abakasho lutho?”

BabMongezi:”Cha, uphi umntwana?”

Sinalo:”Akekho endlini thina sicabanga ukuthi ula esibhedlela.”

Kuqhamuke unesi agijima

Nesi:”Kunentombazane ngiyacabanga ifike nani ayifuni kuphuma ewodini ngicela nizomthatha.”

Bamulandele

Nathi:”Banjani laba abadubulekile?”

Nesi:”Asikabi nempendulo, ngenani kulewodi ngicela nimukhiphe.”

Bangene uCebi ubambelele embhedeni olele uLwazi naye sekaxhunywe amaphayiphi elinye lingena emlonyeni elinye bamuvule imbobo phakathi esifubeni lifakwe khona.”

BabMongezi:”Cebile buya sesi.”

Awuyeke umbhede ayoziphosa kubabMongezi aphume naye, bahlale phansi aqamele kubabMongezi uyakhala.

BabMongezi:”Sinalo shayela khabo makoti ubazise.”

Sinalo:”Singalindi kuse baba?”

BabMongezi:”Cha indodakazi yabo ilimele kumele bazi.”

Akhiphe ucingo uSinalo abone uSbongile uke wamushayela ashayele uMihla alubambe sekaphinda okwesithathu.

Mihla:”Hayibo Sinalo kwenzenjani ebusuku?”

Sinalo:”Ngicela uyovusa abazali bakho ngizokushayela emva kwesikhashana ungifake kuspeaker.”

Aluvale angalindi mpendulo emva kwesikhashana abashayele asheshe kulibamba uMihla.

Mihla:”Ngihlezi nabo.”

Sinalo:”Sanibonani ma nawe baba.”

Mzobe:”Unjani ndodana kwenzenjani ebusuku nje?”

Sinalo:”Eish baba kube nenkinga ekhaya singenelwe abantu bebezotshontsha imoto kabhuti, basingenela nasendlini badubula.”

Athule kancane basababaza

Sinalo:”Kudubuleke umama nesoka laCebi kanye nosis Amanda.”

MaMzobe:”Hayi hayi hayi eyami ingane hayiiii.”

Mzobe:”Nikusiphi isibhedlela ndodana?”

Sinalo:”Ngizonilanda baba.”

Mzobe:”Ngiyabonga ndodana.”

Aluvale ababheke

Sinalo:”Ngisabalanda.”

BabMongezi:”Uzokhona ndodana?”

Sinalo:”Ngizokhona abanayo imoto engabaletha.”

Ahambe uSinalo

BabMongezi:”Wena ufike nini?”

Cebi:”Mina ngilandele ama Ambulance le beyithwele umama?”

Nathi:”Kanjani?”

Cebi:”Bengishayela angazi kanjani nami baba kepha ngishayelile ngaze ngafika.”

Balinde belokhu bebuka amanesi egijima eshona le nale abakezwa lutho ngomndeni wabo, athuke uCebile akhumbule abazali baLwazi.

Cebi:”Kumele ngishayele umndeni waLwazi abazi.”

BabMongezi:”Unawo manombolo abo?”

Cebi:”Ngathi nginayo yababa uke wanginika ithi ngiyibheke.”

Makazikhuthuza ucingo lwakhe alukho ulushiyile

BabMongezi:”Sizoyithola indlela yokubazisa.”

Bahlale kubuye uSinalo nomndeni kaAmanda baxhawulane umaMzobe ayohlala celeni kwaNathi ngoba uhlezi le.

MaMzobe:”Mkhwenyane.”

Nathi:”Mama.”

MaMzobe:”Yini lena?”

Kuqhamuke udokotela azikhumula ibhantshi lakhe elimhlophe akhipha nezipopolo entanyeni, basondele kuye. Azibambe okhalweni udokotela izipopolo sezilenga esandleni.

Nathi:"Banjani dokotela?"

Dokotela:"Mina bengimatasa ngoyedwa, abanye basematasa ngabo."

Nathi:"Sitshele ngaye siwumndeni wakhe, ungubani yena?"

Dokotela:"Ngiyaxolisa mndeni wakhe sizame konke esikwaziyo kepha udubuleke phakathi enhliziweni, enye inhlamvu yangena ebuchopheni bakhe. Akaphilanga ufike la esibhedlela sekophe kakhulu."

Nathi:"Akanagama na, ubani lowo?"

Dokotela:"Amanda Nkosi abenezinyanga ezimbili ekhulelwe futhi."

Nathi:"Nooooooo."

MaMzobe:"Hhayiniiiiiii ingane yami ohhhhhhhhhhhh Nkosi yami ungishiyelani na? Ngikwenzeni mina kulomhlaba onezono. Awu kufa awudeli awunoni."

Akhale umaMzobe amubambe uSinalo nobabMongezi bayomuhlalisa phansi uMzobe yena acwayize kaningi amagama angabi bikho.

Nathi:"Ngifuna ukumbona."

Dokotela:"Mnumzane manje basamulungisa umndeni ngeke ubekahle maningambona enje."

Nathi:"Ungangitsheli lokho dokotela inkosikazi yami le ngizoyibona noma injani."

Abashiye lapho uNathi ayongena la kuphume khona udokotela akazizwa izinyawo zakhe noma zihamba. UMihla ufike wahlala celeni kwaCebile abakhulumi nabo bandwazile nje. Makangena uNathi afike sebathi bamuvala ubuso angene amususe leshidi abamumbese ngalo. Alisuse umzimba wonke amubheke ekhanda uthungiwe kanye nasenhliziweni. Abeke isandla esiswini sakhe asiqabule kwehle izinyembezi kuNathi.

Nathi:"Ngobani sthandwa sami ukhethe kungishiya ngalohlobo? Yini le ongibonisa yona sesizoba nengane."

Ahlale phansi amumbese abuyisele isandla esiswini aqamele phezu kwakhe, uMzobe konke lokhu ukubhekile ume emnyango. Ajike uMzobe aye kubabMongezi.

Mzobe:"Hamba uyobheka umkhwenyane  umuthathe ngifuna kubona indodakazi."

BabMongezi:"Ngiyazwisisa."

Asukume uNathi aphume angakafiki kuye ubabMongezi

Nathi:"Akasekho ngempela baba kanjalo nje."

BabMongezi:"Buya uzohlala phansi ndodana."

Amandla aphelile nya kuNathi manje uthukele umawakhe ngoba ubabonile badubuleke ngendlela efanayo.

Nathi:"Baba labantu bebazimisele kusibulala sonke ngoba badubule umama nomkami base babhekisa isibhamu kuCebile."

BabMongezi:"Ngibonile nami ndodana ukube akusilo lesoka lakhe ngabe naye ulele la umsindisile lomfana."

Nathi:"Ngisaba ngisho ukucabanga ngomama, kungenzeka nje lokho?"

BabMongezi:"Akakwazi kungishiya naye uGugu akakwazi kusishiya."

USinalo yena uyinkomo edla yodwa le akafuni babone usizi lwakhe uyavevezela makacabanga ngomawakhe. UMzobe nomndeni wakhe sekuyibo ababheke uAmanda.

Mzobe:"Ngcolwane, Phohla Walawala, usungaze usishiye ngalohlobo kodwa mntanami."

MaMzobe:"Hawu kodwa ingane yami Thixo."

Mzobe:"Asambeni nkosikazi mina angisenawo amandla okuba la."

UMihla ukhala athulile ukhumbula indlela abenokudelela ngayo usesi wakhe, kodwa makakhumbula ukuthi besebaxoxa kahle axole.

MaMzobe:"Kubuhlungu kubuhlunguuuuu kubuhlungu kuyahlaba baba."

UMzobe ambese indodakazi yakhe abambe inkosikazi yakhe ngesandla baphume. Umndeni usahlezi udidekile uMzobe aye kubabMongezi

Mzobe:"Amadolo ayexega Nkosi ngifuna ukuya ekhaya ngiyathemba nizosazisa ekuseni okwenzeakalayo."

BabMongezi:"Ngizonithinta, Sinalo."

Nathi:"Cha baba ngizobahambisa."

Cebi:"Ngizohamba nawe bhuti awukwazi ukubuya wedwa."

Basukume bayogibela emotweni  bahambe, la endleni kuzwakala ukuchiphiza kwamaMzobe nokudonsa amakhala. Bavalelise mabafika kwabo

Mzobe:"Cebile ungasakhali sesi lomfana uyisindisile impilo yakho ngeke uNkulunkulu amuthathe ngoba ubonise ubuqhawe kanti umawakho womelele uzobakahle."

Cebi:"Ngiyabonga baba ngiyaxolisa azange sakhona kuvikela usis Amanda."

Mzobe:"Besekuyisikhathi sesi."

Bahambe

Cebi:”Bhuti ngicela siye khabo Lwazi ngoba kusathulekile esibhedlela.”

Angaphenduli kepha aqonde la athunywa khona usesi wakhe omncane, bahambe bafike isango likhiyiwe uNathi ashaye ihutha yemoto kakhulu.

***ISIQEPHU 02***

***KWAKHOZA***

Bathuswe ihutha ebanga umsimdo futhi kuyacaca kuthi leyo moto iduzane.

MaKhoza:"Mhlawumbe ingane yami ishiye ilimothi yakhe."

Khoza:"Akusiye yena bekazongena ngokujampa isango."

Avuke uKhoza agqoke igown yenkosikazi yakhe ayobheka, abone owesifazane nowesilisa ngaphandle akaboni kodwa kuthi bangobani. Amulandele umaKhoza naye sekagqoke enye igown. Bezwe iphimbo likaCebi amemeza.

Cebi:"Baba ngicela ungivulele yimina uCebi."

Khoza:"Hawu  intombi kaLwazi."

MaKhoza:"Hayibo ebusuku nje uthe uLwazi ubuyile nje uzolala kubo manje kwenzenjani."

Abavulele uKhoza bangene mabafika endlini kukhanyisiwe bathuke abantu abantu abadala mababona abantu bagcwele igazi ngalohlobo. Baze bahlehlele emva bababheke babukane bodwa..

Cebi:"Mama ngiyaxolisa ukube ngithe uLwazi akabuye ekhaya ngingamuvumeli alale bengingazi mama."

Avule izandla zakhe umaKhoza asondele kuye amuhage uNathi abaxoxele okubavelele baze bagcwale igazi ezimpahleni ngalohlobo.

Cebi:"Abengeke adubuleke yena ngoba bebedubula mina uLwazi wangena enhlamvini, ngiyaxolisa baba."

Baphelelwe amandla kukhale ucingo lwaNathi

Nathi:"Baba."

BabMongezi:"Kukhona udokotela asitshele kona."

Nathi:"Mayelana nobani?"

BabMongezi:"Umawakho kanye nesoka likaCebi."

Asukume uNathi

Nathi:"Kumele sihambe udokotela sekabatshele okuthi ngoLwazi kanye nomama."

Khoza:"Ndodana ngicela nisilinde sikhumule angikwazi kushayela ebsuku."

MaKhoza:”Ohhhhh kukhona uNozibusiso angikwazi ukuhamba, uzoba kahle baba?”

Khoza:”Muvuse sihambe naye ngeke angene emawodini.”

MaKhoza:”Uqinsile baba.”

Bahambe bayoshintsha izimpahla umaKhoza avuse uNozibusiso bahambe.

Khoza:”Manje ndodana nina nizibukile ukuthi anilimalanga na ngoba nigcwele igazi?”

Nathi:”Cha bengigone inkosikazi yami igazi lakhe leli, uCebi abegone u..”

Ahluleke ukusho ngoba nayi ingane nayo imangele kwenzakalani sebafikile esibhedlela bayehla.

Khoza:”Ngiyazwisisa uvalo luyanginqoba manje  anginawo amandla.”

Cebi:”Donsa umoya baba ungayivumi leyonto.”

Bamulinde aphefumule masekakahle bahambe uNozibusiso sekabanjwe uCebile ngesandla ngoba umaKhoza ubambe umyeni wakhe. Mabavela uSinalo abahlangabeze ahage uCebi

Sinalo:”Uhambeleni kodwa Cebi bengikhathazekile ngawe, sanibonani.”

MaKhoza:”Unjani ndodana?”

Sinalo:”Siyaphila.”

Cebi:”Abazali baka Lwazi lona ngubhuti wami uSinalo.”

Bamuxhawule

Nathi:”Utheni udokotela?”

Sinalo:”Uthe sikhululeke umama uphumile ebungozini inhlamvu bayikhiphile uzophaphama kungekudala nje, kodwa uLwazi.”

Athule uSinalo abheke abazali bakhe amehlo akhe ahlale kubaba wakhe ngoba uyabonisa ubuthakathaka nje.

Khoza:”Nozi hlala lapha phansi sesi.”

Ahambe ayohlala la akhonjwa khona umkhulu wakhe, kuye akucaci nje kwenzakalani.

Khoza:”Khuluma ndodana.”

Sinalo:”ULwazi inhlamvu imushaye phakathi kwemithambo epompa igazi kanye nasentanyeni. Inxeba lasentanyeni kube ncono ngoba uCebi ukwazile ukulibamba angophi kakhulu kwaze kwafika ambulance.”

Khoza:”Manje yena unjani?”

MaKhoza:”Useshilo umfana baba ukuthi isimo sakhe sibucayi.”

Sinalo:"Ngizoniceleka niyomubona baba."

Anyamalale uSinalo uCebi asale akhala ngendlela ebuhlungu lokho kuhehe ubabMongezi le abekhuluma ngocingo. Asondele egijima azomuhaga amuhlikihle emhlane.

BabMongezi:"Yini manje sesi umama ukahle, nalesoka lakho likahle."

Cebi:"Baba bathi usesimeni esibucayi nje."

BabMongezi:"Uzoba kahle uyezwa unesibindi lomfana yingakho aziphose enhlamvini abengafuni kube nguwena ozwa lobuhlungu."

Konke lokhu ukubukile uKhoza naye akanawo amandla okududuza umkakhe. Aqhamuke uSinalo ababize basukume noCebi alandele.

Sinalo:"Balinde sesi kuqale bona."

MaKhoza:"Cha muyeke ndodana singene naye."

Amuyeke ubabMongezi abone bamufaka phakathi bamubambe bobabili babafulathele. Axole ngaphakathi kuthi uthole umndeni okahle bazomunakekela, ahambe ayongena ewodini lika mamGugu. Afice uNathi ahlezi angangeni emme emnyango noSinalo amulandele afike eme celeni kwakhe.

Nathi:"Mama ngicela uvuke ngiyasaba nguwena wedwa owaziyo ukuthi nami ngike ngisabe. Mawuhamba ubani ozongifukamela ma? Ngiyakudinga ngempela ma ikakhulukazi manje."

Angene ubabMongezi amulandele uSinalo azisule izinyembezi ngokushesha makababona.

BabMongezi:"Niyakhumbula umawenu mzukwana ayobeletha uCebile? Kuningi okwakuzama kuthatha impilo yakhe kanye neyaCebile. Wahlala izinyanga ezimbili esibhedlela baze bakhipha ingane yashiya yena esibhedlela. Ngangingakholwa ukuthi uzophila ngendlela ayengakhona. Ngaphakathi kimi ngase ngizitshelile ukuthi uyahamba, bengihlala la celeni kwakhe imini nobusuku ngimukhame ubisi lwaCebile ngoba ngifuna kuthi naye abenakho akutholayo okubuya kuye."

Ahlahle amehlo uSinalo kanjani ubabomkhulu wakhe azothinta amabele kamawakhe, amubone uNathi

Nathi:"Ngiyakhumbula baba ngeke ngikhohlwe, namanesi wayemangala uthando lwakho kuCebile ngoba ubaba wayehlala ematasa. Ngikhumbula lenesi elalikusiza ngokukhama ubisi akunike uziphuzisele uCebi."

Athuke ubabMongezi sekakhululeke kakhulu manje uze akhulume nje  enganakile bamubone uSinalo edonsa umoya wokukhulula lokumangala.

Nathi:"Kumele senze njani baba ngendaba kaAmanda?"

BabMongezi:"Shhhhh umawakho uvale amehlo asazi noma uyezwa na."

Basukume baphume bonke uNathi akhale ngekhanda.

BabMongezi:"Hambani bafana niyolala sekusile vele kusasa sizovuka sibone kuthi senzanjani. Ningakhulumi indaba yokuhamba kwamakoti phambi kwamawenu ngoba angaphazamiseka."

Sinalo:"Kulungile baba nawe mabaqeda abazali bakaLwazi ngicela ubuye, ngisayolunguza uCebi kuqala."

Anike uNathi ukhiyo bahlukane ubabMongezi abuyele ewodini lika mamGugu. USinalo abafice basahlezi ubaba waLwazi uyazama kuncokola kepha uyabonakala ukuthi uthintekile enhliziweni ngendodana yakhe.

Khoza:"Mfanami vuka Mkhathini sengikhathele izinyembezi zamawakho nomkakho."

Bamubheke makathi umkakhe

Khoza:"Yebo umkakhe, washo njalo kimi makaqala kungitshela ngaye."

UmaKhoza alule isandla abambe uCebi

MaKhoza:"Baba kumele ubize abafowabo babuye ekhaya kanye nomalume ubhuti wami nobabomncane bahambe bayolobola kwaKhoza."

Khoza:"Nami bengikucabanga lokho nkosikazi kepha bona bahanjelwe kubi ngeke kuzwakale kahle. Asilinde kancane."

Cebi:"Baba nami ngiyadinga uLwazi aphume la esibhedlela lokho sekufezekile, ngicela kukhuluma nobabomkhulu kuqala. Uma kungasilo ihlazo ngeke anginqabele."

Bamoyizele bamubuke

MaKhoza:"Kulungileke sesi, kumele sihambe angithandi ngoba uNozibusiso alele ewodini ngathi uyagula, uzaze acoshe ukugula kwalezingane alele nazo."

Angasangeni uSinalo ajike uyazibuza ukuthi uthando luyinto enjani kanti, akafuni yena usesi wakhe alotsholwe umawakhe angaboni. Makandlula ewodini elinomawakhe alunguze kancane. Athuke ome uSinalo azibuze kungani kuhlala kunguye obona izinto okungamele azibone. UbabMongezi ubambe umawabo ngesandla uyasiqabula abuye aphakame amuqabule emlonyeni. Uyakhala ngapha akakaze abone ubabomkhulu wakhe ekhala ngisho nangomncwabo wababMondli.

BabMongezi:"Uzovuka la Gugulami ngiyazi uzovuka ungidelele futhi manje ngiyathembisa ngizokuyeka ugqoke into oyifunayo noma ngabe ingakanani ngizokuyeka. Vuka izingane zethu ziyakudinga yazi indodakazi yethu ibuthaka nami angazi ngenzeni."

Uyazi uSinalo ukuthi ubaphatha njengezingane zakhe azizalayo kodwa manje uzwa athuka indlela abheka ngayo ubabMongezi cha iyamuthusa. Aphakame futhi amuqabule

BabMongezi:”Mawuvuka la into yokuqala engizoyenza ukukushada wonke umuntu abhekile ngikhathele ukucasha Gugulami. Ngikhathele nokucashela wena ngiyazi noMondli ufuna ngikutshele iqiniso ukuthi kunzima.”

Akasacashanga manje uSinalo ngalendlela adideke ngayo sekeme phakathi nomnyango, kuze kubuye uNathi makabona ubabMongezi eqabula umawabo adonse uSinalo ngesandla. Angasho lutho uSinalo yize afuna kukhuluma kepha lento eyenzekile iningi futhi yenzeke ngobusuku obubodwa. Bangene emotweni uNathi azihlalele celeni abone uSinalo ukuthi akanawo amandla okushayela.

Nathi:”Usukhulile Sinalo uzobona futhi uzwe izinto eziningi ezizokumangaza zikuthukuthelise kodwa komele usebenzise ingqondo yakho uzwisise isimo.”

Sinalo:”Ukhuluma mayelana nobabMongezi?”

Nathi:”Kuningi, kodwa manje ngicela uzithibe ungabuzi lutho size sindlule kulesimo.”

Sinalo:”Kulungile bhuti.”

Nathi:”Mfowethu angazi ngizophila kanjani ngaphandle kwaAmanda wami.”

Sinalo:”Ungacabangi kakhulu bhuti, uzophila the same way ukhonile kuphila ngaphandle kwababa.”

Nathi:”Yazini lephimbo lombulali ngizolizwa noma ngilele ngizomubulala Sinalo, umndeni wakhe uzokhala ukundlula owami.”

Sinalo:”Ngivumelana nawe bhuti ngiyafisa kukukhuza kodwa eqinisweni nami nginenzondo efanayo. Emndenini wakhe kuzofa ngisho igundwane lakhona.”

Bafike babone kuthi bashiye kuvuliwe nje mabangena kubuye konke okwenzekile noma uAmanda evula amehlo kancane amoyizela kuphume negazi emlonyeni. Kulezo zinhlungu inkosikazi yakhe ikhonile ukukhipha amagama okuthi ‘Ngiyakuthanda myeni wami, ngiyohlezi nginawe’. Okusho ukuthi abebona uyahamba uyohlezi eyingelosi yakhe. Yena abecabanga ukuthi uthi uyohlezi enaye bephila ndawonye, akekho okhulume nomunye baqonde emagunjini abo ngokuhlukana.

UNathi ukhohliwe nayimoto yakhe etshontshiwe kahle kahle ayibalulekanga kuye manje ufuna umkakhe avuke abuye nomawakhe baqhubeke nobungani babo bokuhleba, bahlale bephelezelana kuya emasalon. Owayengazi abezitshela ukuthi abangani ngoba umamGugu akavumi ukuguga……

***ISIQEPHU 03***

***KWAMZOBE***

Bahlala kwasa hluthu akekho abebuza omunye okuthile noma acele okuthile, bazihlezele ozwayo ukuthi womele amanzi uyazisukumela ayowaphuza abuye ahlale phansi. Kuthe makushaya ihora lesikhombisa kwakhala ucingo lwaMihla waluphendula.

Mihla:"Hellow."

Nsizwa:"Sthandwa sami ngingaphandle."

Mihla:"Ngiyeza."

Asukume abazali bakhe bazicabangela usizi lwabo akukho nje omunakile, aphume uNsizwa makamubona ajabule nasi isithandwa sakhe esizoba yinkosikazi yakhe yesibili. Ehlike emotweni amuhlangabeze uMihla akhale makamubamba, akhathazeke uNsizwa.

Nsizwa:"Yini sthandwa sami?"

Mihla:"Usesi wami ushonile izolo esibhedlela."

Amubambe kakhulu azama kumuthulisa

Nsizwa:"Ufuna ngenzenjani sthandwa sami kuthi ube kahle?"

Mihla:"Ngifuna ukulala nje ngingasavuki Nsizwa kubuhlungu."

Nsizwa:"Ungacabangi kanjalo lala ngiyakucela masolala ungavuki mina ngizoba yini kulomhlaba ngaphandle kwakho. Ngicela uqine ungitshele okudingayo noma ngabe yini."

Kumehlisele umoya lokhu okushiwo uNsizwa angakholwa naye aze amubheke emehlweni uyamubona ukuthi naye uyabuzwa lobuhlungu abuzwayo. Bayamele ngemoto elokhu eqamele esifubeni sakhe.

Mihla:"Ngicela ukuyolala sthandwa sami ngizwa isiyezi."

Nsizwa:"Udlile nje?"

Mihla:"Ngiphuzile itiye manje masifika."

Nsizwa:"Kumele udle mamakhe awukwazi kuhlala nje ukhumbule kukhona uMntungwa phakathi kuwe."

Amoyizele uMihla makamuphulula lesisu esingabonakali, babhekane emehlweni

Nsizwa:”Kulungile mamakhe hamba uyolala ngizoya emsebenzini nami ngizokuhlola.”

Baqabulane uSbongile umile esangweni lakubo ubabhekile bahlukane uMihla angene kubo ahambe uNsizwa.

Mzobe:”Nkosikazi buya uyolala ngizoshayela izihlobo.”

MaMzobe:”Cha baba ungazishayeli manje asizwe kuqala amalungiselelo ahamba kanjani.”

Mzobe:”Buyake ngikuphelezele uyolala.”

Asukume bagqubane baye egunjini labo.

MaMzobe:”Lala nawe baba ngoba ngeke bufike ubuthongo ungekho duze nami ngiyazi uzolokhu ucabanga ungaqedi.”

Anganqabi akhumule naye balale amakhethenisi selokhu evalwe ngayizolo akekho ocabanga kuwavula. UMihla afike naye aqonde egunjini lakhe azame kulala bungafiki avuke ayopheka. Noma enokuba luhlaza nje kepha uyabathanda abazali bakhe, ukuba bona basezinhlungwini ezinje naye kumuzwisa ubuhlungu lokho.

Apheke aze aqede basalele abalungisele itafula kahle, adle okwakhe ukudla akuqede avale okwabazali bakhe akafuni kubavusa naye ahambe ayolala.

***<u>KWAKHUMALO</u>***

MaKhumalo:”Angikaze ngibone umakoti ephatheke kabi ngalohlobo baba.”

Khumalo:”Eish nkosikazi kubi, bengicabanga ukumushayela izolo ngangazi ukuthi ngizothini kuye.”

MaKhumalo:”Angiboni uzoke amuxolele kulokhu.”

Khumalo:”Into engiyibonile uNsizwa uyaqala ukuthi ufuna kushada omunye umfazi kungenzeka uyamuthamda lo.”

MaKhumalo:”Mina ngicabanga ukuthi usabela ingane yakhe baba, kodwa kuzothiwani kwaKhoza ngoba walibeka kwacaca ukuthi indodakazi yakhe mayingeza ikhala kuye ngeke siphinde siyithole.”

Kukhale ucingo lwaKhumalo

Khumalo:”Nayi indodana yakho.”

Aluphendule

Khumalo:"Yini?"

Nsizwa:"Baba kumele uyeke ukungithukuthelela ngoba akukho okuzoshintsha ngeke ngibe nengane efihliwe mina, ngifuna ikhule inami nomawayo. UDansile uzoxola sindlule kulento sibe umndeni futhi."

Khumalo:"Indlela owenze ngayo iyona ezolimaza umakoti."

Nsizwa:"Sekwenzekile baba angithi yena uyahluleka kungipha ingane, anyway bengikushayelela kukwazisa ukuthi usesi waMihla ushonile."

Khumalo:"Akusekho okungithusayo kwalomndeni waloMihla wakho mina."

Nsizwa:"Baba ngizodinga kuthi ningiphelezele ngiyobakhalisa."

Khumalo:"Ngeke size sidonswe nguwena ngekhala, angithi ukwazile kuzithathela isinqumo ngaphandle kwethu namanje zenzele izinto zakho. Ubowazi futhi ukuthi uma umakoti engakayivumi yonke lento mina ngeke ngikulobolise uzozibona."

Avale ucingo lwakhe uKhumalo axoxele umkakhe ukuthi uthini uNsizwa.

MaKhumalo:"Uyazi baba uzokwenza uNsizwa lokhu, uma singavumi sizolahlekelwa nguyena."

Khumalo:"Mangabe ufuna kumuxhasa zenzele lokho mina ungikhiphe lapho, ayikho kahle lento ayenzayo cabanga izinyembezi zikaDansile manje."

MaKhumalo:"Uyazi baba ngiyamthanda uDansile kusukela engena kulamagceke azange ngamuxwaya ngimuphathise okwendodakazi yami. Bengilwa naye makalwa ngikhale kunye naye makakhala yonke leminyaka akukho manje engingakwenza baba kepha kumele sicabangele nalomzukulu ozayo."

Khumalo:"Sayikhuluma indaba yalengane ezayo ukuthi kuzokwenziwa njani kulokhu okwamanje angizingeni."

Asukume uKhumalo aphumele ngaphandle ayongena emotweni

## ***KHUMALO***

Ashayele aze afike khabo Sbongile ngaphandle amele buqamama kodwa. Alinde lapho masekathi uyayidumisa imoto aphume uSbongile amubheke ayosithela ngale kwendlu angamuboni. Aphinde aqhamuke ephusha izigubhu zamanzi uyazikhahlela ziginqike ahambe kancane elokhu echofoza ucingo lwakhe aze afike esigujini asikhahlele futhi sehle ngomgwaqo. Imuchaze lento ayenzayo aze amoyizele yedwa ingane yakhe phela le noma kungathiwani.

Izitho zakhe ukuma kwakhe ungumawakhe ngqo. Amubuke aze ayongena khabo Nhloso abuye futhi emva kwesikhathi, aqhamuke umawakhe athuke ngathi uyamubona kanti cha. Abeke lezigubhu esangweni uSbongile afike sekazithatha enze lomdlalo wakhe wokuzikhahlela. Amehlo kaKhumalo sewabheke umamYoliswa eyaluka egcekeni lumshaye uvalo.

Khumalo:”Uyazi manje ngiyazwisisa ukuthi ngangingaphethwe inkanuko kwakuwuthando ngingazi ukuthi ngenzenjani ngoba nginenkosikazi. Naku manje kuayangiqala futhi, bengeke ngingaheheki umuhle Yoliswa umuncane ekudeni kimi kepha inhlonipho nolwazi lwakho yikona okwangenzela imizwa yakho. Ohhhhh heeeee ngakona ngane yabantu waphila impilo yakho ngokwesaba ngiyathemba umyeni wakho uyiphatha kahle indodakazi hami.”

Abuye uSbongile angene kubo baneke izimpahla nomawakhe belokhu bexoxa behleka umawakhe amuthele ngamanzi kancane ahleke uSbongile. Amoyizele kakhulu makabona uSbongile eza nebhakede elincane acathamele umawakhe ngemuva makathi uyaphenduka uYoliswa amuthele. Bagijimisane lapho abukele achazeke aze avule ifastela akhiphe ikhanda abukele.

Athuke sekuqhamuka imoto iqonde kulegceke angayazi eyakanokusho futhi avale ifastela kuthi abone kahle. Kwehlike insizwa akayazi nayo ingene iyophelela endlini.

Khumalo:”Kungenzeka nguyena myeni wakhe lo? Ngeke kodwa ahlale endlini enje kahulumeni ayilungiswanga nayo bese uba nomyeni ohamba ngemoto enje cha. Awuthi ngilinde ngibone kuthi wenzanjani lomfana.”

***ISIQEPHU 04***

***KWANTULI***

MaYoli:"Kwenzenjani nana kusukela kusile nje awumandi?"

Sbongile:"Ngisayothintitha lemadi esangweni ngiyabuya."

Aphume edonsa imadi ayishaye esangweni iphume izintuli, makabheka khabo Mihla nangu umile nesoka lakhe. Basothandweni nje babambene azibuze ukuthi wenza kanjani ngalamasoka amabili. Akhumbule ukuthi uSinalo umushayele cishe ubusuku bonke wangabamba uyazi futhi akusikho ukulala ngoba iyamuphaphamisa ifone mayikhala. Abuyele emuva bahlanza indlu bobabili, umamYoli indlu yakhe incane kepha ihlanzekile mawungena ngaphakathi uyayithanda.

MamYoli:"Zigcwele lezigubhu zagogo zisuse lapha ngifuna kuneka."

Sbo:"Ngizomuhambisela ntambama sekuyashisa manje."

MamYoli:"Uyamazi uyawasha namuhla."

Sbo:"Ohhh ngusathatha ucingo lwami."

MamYoli:"Kwenzenjani nje ulokhu ubiphile?"

Sbo:"Mama ngathi ngiziphathisa ikhanda ngoSinalo mina ngicabanga ukumuyeka."

MamYoli:"Sekenzeni?"

Sbo:"Ngimushayele ubusuku bonke wangabamba namanje ekuseni mhlawumbe bekanentombi nje."

MamYoli:"Wena mawungabambi ucingo usuke unomfana?"

Sbo:"Cha mama hayibo hawu."

MamYoli:"Ngiyabuza mina, phela awukwazi kuhlala ucabanga izinto ezibhedayo makangababambi ucjngo lwakhe. Mawumushayele kanye noma kabili lokho kwanele yena uzobona masekakhona kubamba ucingo lwakhe."

Sbo:"Ayyyy mama mina angifuni kulahlekelwa ubuntombi bami kumuntu ongaqondakali."

MamYoli:"Hayibo kanti wena sohlele ukumunika kanjalo nje, nawu umhlolo."

Athathe ucingo lwakhe uSbongile aphume ashiye umawakhe anikina ikhanda, akhe amanzi awahambise.

Sbo:"Unjani namuhla gogo?"

Gogo:”Ngiyaphila mntanami.”

Sbo:”Akakabuyi uNhloso?”

Gogo:”Lutho mntanomntanami manje sengiqala nokukhathazeka.”

Sbo:”Gogo mawuqeda ukuwasha ngizoza ngizokuthatha siye emaphoyiseni, sizohlala nje kanti kukhona okwenzekile ngaye.”

Gogo:”Uqinsile mntanami ngingajabula futhi.”

Sbo:”Nawa amanzi wakho ngisalanda amanye.”

Gogo:”Ngiyabonga.”

Aphume makafika ngaphandle abhalele uSinalo umlayezo

Sbo:*Yazi usagcwele ukudlala angazi ukuthi ufunani empilweni yami.”

Ahambe kungene umlayezo

Sinalo:*Ukhuluma ngani manje?”

Sbo:*Wazi kahle kuncono uqhubeke ngokudlala ngezingane zabantu mina ungangibali ngoba angifuni ngami.*

Sinalo:*Ukuphi?

Sbo:*Non of your business.*

Aqhubeke nokuthuthezela amanzi aze aqede abuyele kubo.

MamYoli:”Nginekise ulokhu ungikhamisele la?”

Sbo:”Mama makuwasha mina awungisizi nakancane.”

MamYoli:”Kudala kwasa ngikuwashela wena  awubuke usungakanani manje.”

Amuthele ngamanzi asezandleni zakhe

Sbo:”Mama.”

MamYoli:”Awukagezi ngiyakuzama.”

Amufulathele aqhubeke nokuneka uSbongile ayokha amanzi ngebhakede elincane abuye azothela umawakhe.

MamYoli:”Sbongile maaaan angidlali yazi.”

Bagijimisane aze akhathale umawakhe baneke baqede bangene endlini.

Sbo:”Ngisayogeza ma.”

MamYoli:”Shesha ngoba nami ngifuna kugeza.”

Sbo:”Sihlala sigeza sobabili nje.”

MamYoli:”Ngifuna kubheka izimpahla zami bangazithuli.”

Angene egunjini labo aphume nelokwe alilule (iron) alishiye lapho ahambe ayogeza. Umama Sbongile abuke lemoto elokhu imile ngale komgwaqo ibheke ngala, athuke acabange lomuntu owamudlwengula ngoba akayazi lemoto futhi kuyaqala kuthi kume imoto emini kanje abangayazi. Aphazanyiswe ile ema khona la kwkahe makayibhekisisa eyaSinalo asuke efasteleni.

Aqhamuke sekakokoda amungenise amubone ukuthi uphansi akekho mnandi, ahlale phansi abeke izandla zombili etafuleni.

Sinalo:”Sanibonani ma.”

MamYoli:”Unjani Sinalo, kade ngakugcina.”

Sinalo:”Ngikhona ma.”

MamYoli:”Usageza ngiyacabanga uqedile manje mulinde uma ungajahanga.”

Abheke isikhathi

Sinalo:”Ngizolinda.”

MamYoli:”Ngisayobheka izimpahla zami kulayini.”

Aphume kukhale umnyango wasegunjini uvuleke kuphume uSbongile egqoke iphenti nobra ngapha uzilungisa izinwele. Athuke uSinalo aze asukume makamubona uSbongile amangale naye, babukane.

Sbo:”Ngiyaxolisa.”

Abuyele emuva avale kungene umamYoli amangale uSinalo sekeme ngezinyawo, naye abe nezenhloni.

Sinalo:”Ngiphuthumela esibhedlela  ngizobuya ma.”

MamYoli:”Usebenza esibhedlela ?”

Aphume uSbongile sekagqokile umamYoli abashiye lapho besabukana ayongena egunjini.

Sbo:”Ufunani?”

Sinalo:”Sawubona Sbongile.”

Sbo:”Ufunani Sinalo kudala ngikushayela ucingo ungabambi manje soqedile ngalokhu bokwenza ubona ukuthi uze kulesilima.”

Sinalo:”Akusinjalo izolo bengi…”

Amungene emlonyeni.

Sbo:”Yazi Sinalo ngeke mina ngiyikhone lento eyenzakalayo kuncono siyeke.”

Sinalo:”Sbongile ngiphe ithuba ngichaze.”

Sbo:”Cha inkinga ukuthi uzoba nezincazelo njalo, uzohamba uyokwenza izinto zakho masonelile bese ubuya kulesilima esiyimi, hamba Sinalo amantombazane akulindile lonke lelizwe.”

Sinalo:”Damn Sbongile thula ngikutshele okwenzakalayo.”

Aphume umamYoli ngoba ezwa uSinalo ethetha.

Sbo:”Uthi damn kimi hamba Sinalo ngakutshela ukuthi anginaso isikhathi sokudlala abafana mina.”

Sinalo:”Ngizohamba kodwa ngifuna kukuchazela nginike ithuba.”

MamYoli:”Hlala phansi Sbongile umulalele.”

Sbo:”Cha ma Sinalo hamba awuhlukanga nje kulabadlwenguli abagcwele isizwe.”

Afulathele uSinalo aphume aqonde emotweni yakhe ayisuse, umama Sbongile asale azibambe okhalweni ngesandla esisodwa amangalele indodakazi yakhe.

MamYoli:”Sbongile  mntanami akwenziwa nje, umuntu uyamulalela kuqala ungazenzi uhlanya.”

Sbo:”Abenentombi nje ma akukho okunye.”

MamYoli:”Ngeke uyithole injabulo othandweni uma uzohlala ugade okungekho, umuntu uyanikwa ithuba lokuthi achaze bese uyabona kuthi umukholwe noma cha. Lento oyenzile akukho owesilisa ozokujabulela kuba nawe noma ngabe ukuthanda kangakanani. Abafana bayaphuma  abe nabangani bahlale emsindweni makangaluzwa ucingo wena uzomucabangela. Umalume wakho simushayele kawungakhi angababmbi ucingo lwakhe? Kusho ukuthi usuke anentombi makunjalo?”

Sbo:”Cha mama.”

MamYoli:”Ngithelele amanzi okugeza ngiphume ezindabeni zemijolo.”

Amufakele amanzi ayomubekela indishi yokugeza egunjini aphume, asale acabanga amazwi kamawakhe. Angazi noma amushayele noma enzenjani, agcina ezitshela kuthi akayehlise umoya kuqala uzomushayela.”

***ISIQEPHU 05***

***DAN'SILE***

UDani usazibuza namanje ukuthi yini le emvelelayo, umyeni wakhe umutshela emehlweni ukuthi uthanda omunye wesifazane futhi bazoba nengane. Lento angakhoni kumenzela yona, kuncono ngenkathi kusewumjolo nje noma bebaxabana kepha bekazi ngaphakathi kuye ukuthi uyamuthanda umyeni wakhe. Kukhale ucingo esajulile inkosikazi yamfowabo uBongiwe.

Dani:"Sisi."

Bongiwe:"Hawu wadumala nje kwenzenjani?"

Dani:"Ahhhhh izinto zomhlaba mntanamama ungazikhathazi kakhulu."

Bongiwe:"Ngiyanihlola ninjani phela selokhu sahamba asikathintani."

Dani:"Siyaphila sisi nina?"

Bongiwe:"Siyaphila, ekhaya banjani bona ngiyazi wena usemzini wakho."

Dani:"Nginezinsuku ezimbili ngingakhulumi nabo kodwa bakahle."

Bongiwe:"Siyeza ngempelasonto masingabuya ngokushesha."

Dani:"Nikuphi kanti?"

Bongiwe:"Somewhere ezindaweni zabantu abadala."

Dani:"Anihlali nino bhuti nihlezi nisendleleni."

Bongiwe:"Sidla ubusha bethu."

Dani:"Senigugile maaan yamukelani nihambe niyobhalisa imali yempesheli."

Bahleke bobabili kodwa uDani uyahleka nje hhayi ngoba ejabulile, bavalelisane. UDansile acabange umawakhe kepha abe namahloni ngalesimo akuso. Ahlale phansi avulele umabonakude abukele aze azumeke aphaphame kukhala ucingo lwakhe makabona kuthi umyeni wakhe alubuke nje. Kumabonakude kushumayela umfundisi abukele nje ngoba kungekho akwenzayo.

"Sizophinde sihlangane ngesonto elizayo kuso lesihloko sanamuhla 'Nguyena yedwa umduduzi.'. Ungaphuthelwa mzalwane futhi ningakhohlwa iNkosi iyanithanda."

Kukhuphuke amagama uDansile ahehwe ilesihloko nje aze afikelwe ubuhlungu nobumuncu benhliziyo. Uyamudinga umduduzi empilweni yakhe uzizwa efana nethini elingaphethe lutho. Noma ememeza kuyafana iphimbo lakhe alizwakali, noma ekhala

izinyembezi zakhe azibonakali. Asajulile nje kungene umyeni wakhe naye akasakhoni kumubheka uyazilalisa makahamba ekuseni khona bangezu kukhuluma. Namanje aswele kuthi angabheka kuphi ngoba akafuni kukhuluma noma ukumbona lokhu.

Nsizwa:"Mamakhe kungani ungabambi ucingo lwakho?"

Dani:"Angiluzwanga."

Nsizw:"Awulizwanga njani liphambi kwakho?"

Dani:"Angazi ufuna ngithini ngoba ngiyakutshela ukuthi angiluzwanga."

Nsizwa:"Namuhla ngicela singaxabani."

Dani:"Ukuthula singaxoxi yikona okuzokwenza singaxabani."

Nsizwa:"Ufuna ngenzenjani kanti, ngilahle igazi lami?"

Dani:"Yenza okubonayo Nsizwa, angithi ukwazile ukuthatha isinqumo sokuthi uthathe inkosikazi ungakhulumanga nami, namanje yenza okubonayo."

Nsizwa:"Mangabe ngibona kuthi sihlukane?"

Ashawe uvalo uDansile aphinde akhumbule ukuthi uyedwa umduduzi wakhe uMdali.

Dani:"Mawubona lokho mina ngeke ngikuvimbe ngalutho."

Nsizwa:"Dansile ngixolisile kuwe ngokukhulelisa ngaphandle kodwa manje ingane ikhona akukho la engingayilahla khona, ngicela uzwisise."

Dani:"Ngizwisise Nsizwa? Uthi ngizwisise? Emva kokwenza into enjena mina kumele ngizwisise. Wena bekumele uze kimi ungihlalise phansi sikhulume sibonisane hhayi lododi owenzile."

Athule uNsizwa asondele azohlala celeni kwakhe

Nsizwa:"Ngasuke ngenziwa ukuthuka nokuthi nayi ingane seyikhona."

Dani:"Mina kumele ngikushayele izandla kuthi ubulala ungazivikeli."

Nsizwa:"Ngiyaxolisa."

Amubuke uDansile ngoba nangendlela axolisa ngayo uyabona akuphumi phakathi kuye, asukume uNsizwa aye ekhishini akuphekwanga.

Nsizwa:"Manje awusangiphekeli ngoba ngithe ngizoshada omunye unkosikazi?"

Azithulele uDansile, aqonde egunjini labo uNsizwa amubuke aze ayosithela uDansile, azibuze ngenhliziyo yakhe kuthi amudedele vele ngoba akakholwa kuthi uyoke aphinde amuthembe. Nalesifiso esincane besisele phakathi kuye sokulungisa umshado wakhe ngathi simuphelele naso. Amangale sekabuya umyeni wakhe ushintshile uphethe nesikhwama esincane.

Nsizwa:”UMihla ushonelwe usesi wakhe omdala, ngiyoba naye ngoba yena ungidinga kakhulu kunawe. Ngifuna kuthi nizwane nobabili kuzoba kuhle kuthi uye kubo uyomukhalisa naye azozizwa kancono.”

Asondele amuqabule esihlathithini afulathele makuvaleka umnyango kwehle izinyembezi kuDansile, zehle zilandelana. Kubuhlungu ngathi kukhona ophendula umkhonto phakathi enhliziweni yakhe. Kukhale ucingo lwakhe asakhala makabona ukuthi umawakhe azisule kahle izinyembezi.

Dani:”Ma.”

Uphendula ngokuqoqa iphimbo kuthi angezwakali kukhala kwakhe

MaKhoza:”Ukuphi?”

Dani:”Ngikwami mama.”

MaKhoza:”Ukhona umkhwenyane?”

Dani:”Mama kwenzenjani?”

MaKhoza:”Ubhuti wakho sesi udutshuliwe usesimeni esibucayi esibhedlela.”

Dani:”Mama ubani?”

MaKhoza:”ULwazi.”

Dani:”Nikuphi manje mama?”

MaKhoza:”Sisekhaya manje ubaba usalele naye uyasindelwa nje sengithukile angangiqali ubaba wenu.”

Dani:”Ngiyeza mama.”

Ahambe ayopakela azokudinga aphume eqhasha naye ayongena emotweni yakhe ayisuse. Uyakhala la endleleni uDansile uyazibuza kuthi kwenzakalani kanti athuke sekuzwakala umsindo ngathi kukhona okukabha imoto, abantu bamemeze. Konke kwenzeke ngathi umdlalo  osekhanda likaDansile. Ngokushesha abantu bagcwale phambi kwemoto yakhe, aphume ngokukhulu ukusaba lokhu.

Umuntu:”Awubheki kanti ushayela kuphi.”

Omunye:”Yazi labantu abanemali bacabanga ukuthi umhlaba ungowabo, uhlala andlula la ngesivinini.”

Aqhubeke yize esaba nangu umuntu ulele phansi uphuma igazi akazi naye kuphi, amemeze. Abanye bayamuthuka kuthi uphuzile na ngoba lomuntu bekuyilungelo lakhe kuthi eqe umgwaqo yena wasuke wangena noma ilobothi limuvalele. Aguqe phambi kwakhe angazi amuthinte ngakuphi, kume imoto asondele lo wesilisa.

“Ngiwudokotela ngicela kumubheka.”

Amubheke akhumule isikibha asigqokile amufase ngaso entanyeni akhumule nesalomuntu olimele amufase futhi.

Dokotela:"Ambulance izofika kudala ngisizeni simufake emotweni, ningamubambi ngezandla, bamba emakhwapheni."

Benze nje ngokulayelwa udokotela bayomufaka emotweni yakhe, asukume noDanisile angene kweyakhe alandele le ehamba lomuntu nodokotela. Bahambe uyakhalala endleleni uDansile abone ukuthi ayingaka ngaye ashayele ubhuti wakhe ucingo.

"Dani."

Akhale ahluleke kuphendula

"Kwenzenjani manje khuluma, uLwazi na?"

Dani:"Bhut bhuti ngishayise umuntu angikholwa kuthi uzophila."

"Shhhhhh ngiyeza lalela la uphi manje lomuntu?"

Dani:"Siya esibhedlela manje kumukisa yen."

"Bakubonile abantu?"

Dani:"Eya bangibonile."

"Umndeni wakhe ungakuboni wena ungayi esibhedlela thola nje ukuthi ulele kuliphi iwodi."

Dani:"Bhuti Mholi  ngeke kukhoneke."

Mholi:"Ungishayele angithi kuthi ngikusize, uma uya esbhedlela bodokotela bazobiza amaphoyisa ngoba ushayisiwe. Uma ulapho wena bazokubopha ngaleso sikhathi ufuna kuyolala ejele?"

Dani:"Cha bhuti."

Mholi:"Yenza lokhu engikushoyo ungayithi vu kumama lento, sisendleleni ngeke sikuyekelele siyezwana?"

Dani:"Ngiyezwa bhuti ngijikisa imoto manje angisangeni."

Mholi:"Qonda ekhaya sizokufica khona siduzane manje siyangena."

UDansile ajikise imoto sekaya kubo, la endleleni unalesithombe salomuntu elele phansi.

Dani:"Nkosi yami ngicela umuvikele aphile, ngiyacela Simakade, ohhhh kodwa ngivelelwa yini Nkosi yami."

Afike kubo makangena nje athele umawakhe ngezinyembezi naye obekhalela indodana yakhe kanye nomyeni wakhe.

MaKhoza:"Shhhhhhhhhhh."

Dani:”Ubaba uphi ma?”

MaKhoza:”Ulele ubaba sesi, nawe ungakhali ngalohlobo uzosenzela amabhadi, sizokhuleka la uLwazi uzophaphama abe kahle futhi ashade isthandwa sakhe babe nezingane, uyangizwa?”

Avume ngekhanda uDansile umawakhe aguqe phansi abambelele kusofa, naye aguqe.

MaKhoza:”Baba wethu osemazulwini siyazithoba phambi kwakho, baba siwumndeni sidabukile ngaphakathi ilengozi evelele indodana yethu. Ngicela ungenelele Nkosi yami uguqule sonke lesimo alulame uLwazi. Izwi lakho alifezeke Sonini nanini uthi ngemivimbo kaJesu siyakupholiswa amanxeba. Akusebenze isandla sakho Bawo ngikhulekela nomyeni wami ngicela umuphe amandla aphakame kulombhede abe nathi azosibonisa okumele sikwenze njengenhloko yalomndeni. Yena makabuthaka thina sonke sivele silahleke, siyakubiza Bawo sithembele kuwe akukho la esingaya khona sithi siyocela impilo sazi wena thina.

Nkosi yamakhosi ngibeka indodakazi yami ezandleni zakho umoya wakhe usebumnyameni angazi kwenzakalani, izinyembezi zakhe zingigubha ngaphakathi esibelethweni. Ngiyazi kukhona okunye okwenzekayo ngaye noma ngingazi kuthi kuyini, kuleso simo ngicela kube uwena omuholayo. Akhumbule baba ukuthi konke kubuya kuwena uma efuna usizo abhekise amehlo akhe kuwena ngokuzimisela.

Nkosi yami ngikhulekela umndeni wami wonke amadodana ami namakhosikazi awo, iba nabo kuleziganga abahlala kuzo. Baba besebabuyile ekhaya kumele bashadise umfowabo omncane sijabule njengomndeni. Ngicela ungasiphuci yena Nkosi yami siboleke yena futhi. Konke lokhu ngikucela egameni likayise, elendodana nelika moya oyingcwele, Amen.”

Bonke:”Amen.”

Bamangale sekunamanye amaphimbo kanti bekuyibo bobabili, mabavula amehlo umndeni ukhona wonke ngaphandle kwaRose. Akhale umaKhoza amusukumise amadodana akhe womabili uKhoza avule izandla asuke kumadodana akhe aye kumyeni wakhe amuhage. Babalinde bathulisane baze baqede uDansile ubuke uMholi.

Mholi:”Buya la Dansile.”

Khoza:”Msizi wena uhamba wedwa namuhla?”

Msizi:”Baba ngifake isehlukaniso.”

MaKhoza:”Hawu ngane yami.”

Msizi:”Ungakhathazeki ngami baba bengingajabulanga, manje khani ngizizwa ukuthi ngiyaphila.”

Khoza:”Enkonzweni?”

Msizi:"Enkonzweni abasivumeli isehlukaniso nginele kubatshela ukuthi ngiyahlukanisa nabo bangehlisa esihlalweni. Manje icebo ukubuya ekhaya."

Khoza:"Ulindeni manje ungabuyi?"

Msizi:"Kumele siye enkantolo."

Khoza:"Kwamele kuyiwe lapho?"

Msizi:"Bazali bami ningakhathazeki ngizobuya ekhaya ngifune inkonzo ngiqale impilo yami phansi."

Khoza:"Uma ujabulile nje ndodana."

Ngaphandle uMholi unoDansile kanye noBongiwe.

Mholi:"Uyaphila lomuntu ulele kulesibhedlela esinoLwazi kodwa kwelinye iwodi, usesimeni esibucayi ngempela."

Dansile:"Ohhhh bhuti makangafa lana?"

Mholi:"Nana bavule necala uyazi kuthi azofika amaphoyisa kungekudala."

Dansile:"Ngizoboshwa nkosi yami."

Mholi:"Thatha imoto yami uye kwami sizolokhu sikutshela okwenzakalayo ngizozama kukhulumisana nomndeni wakhe ngibancenge kuthi balicime lecala."

Bongiwe:"Ngeke bavume kuthi licinywe ngoba akukho ezandleni zabo, ukushayisa umuntu kuba sezandleni zomthetho vele."

Mholi:"Kuncono ubaleke."

Dansile:"Kuze kube yinini?"

Bongiwe:"Indlela izokwenzeka hamba thina sizothi asikwazi, sizokutshela futhi ukuthi uye kuphi. Umyeni wakho sizokhuluma naye."

Dani:"Ahhhh loyo ngeke abone nokuthi angikho."

Mholi:"Hamba manje izimpahla sizobona indlela."

Dani:"Ngisayohaga abazali bami angazi ngiyoze ngibabone nini."

Babuyele endlini bonke umaKhoza uyabona ukuthi kukhona okukhathaza indodakazi yakhe okungaphezu kokulimala kwabhuti wakhe.

MaKhoza:"Yini Dansile?"

Azilahle phansi ezinyaweni zababa wakhe abahage babukane noMsizi amangale abheke uMholi. Masekadelile ukukhala uDansile asukume

Dani:"Mama sengiyahamba ngizobuye nginibone."

MaKhoza:"Ujahelephi awukamboni nobhuti wakho."

Mholi:"Uzoya nomyeni wakhe ntambama ma."

MaKhoza:"Asiphumeni sonke, Dansile uyeke ukuba yigwala uze uzobona ubhuti wakho."

Baphume bonke belandelana mabafika esangweni bayogibela ezimotweni bazithele emaphoyiseni amane ahlomile. Lumshaye uvalo uDansile aze aqhaqhazele babhekane bonke.

Phoyisa:"Sanibonani singamthola uDanisile Khumalo?"

Babukane futhi

Mholi:"Ingabe kumayelana nani?"

Phoyisa:"Sicela yena."

Aphendule ngephimbo elinqamukayo

Dani:"Yimina."

Lephoyisa belikhuluma likhombe omunye ngekhanda asondele loyo.

"Dansile Khumalo usuboshiwe ngokushayisa umuntu ubeke impilo yakhe engcupheni, unelungelo."

Angasazwakali akushoyo ngoba uMholi makabona umawakhe akhama naye alwisane namaphoyisa.

Mholi:"Besiza emaphoyiseni manje ngicela ningamugaxi ozankosi phambi kwengane yakhe, siyacela bantu bomthetho."

Babheke uNozibusiso naye omangale kuthi wenziwani u anti wakhe, limuyeke iphoyisa.

Phoyisa:"Uzogibela emotweni yethu kodwa asambeni."

Bahambe umaKhoza uxegelwa amadolo manje kwenzakalani ezinganeni zakhe. Bagibele bahambe belandela lemoto yamaphoyisa.

Khoza:"Mholi ngiyazi kukhona akutshele kona nginibonile nikhuluma."

Mholi:"Baba ngizonishiya esbhedlela mina ngizoya emaphoyiseni ngizoyilungisa yonke le."

Bahambe abashiye esibhedlela ahambe aye emaphoyiseni njengokuthembisa kwakhe….

***ISIQEPHU 06***

***KWANKOSI***

Nathi:”Uphi ubaba?”

Sinalo:”Angazi ngiyacabanga usegunjini lakhe.”

Nathi:”Akekho ngibuya komubheka.”

Sinalo:”Usesibhedlelake akukho la angaba khona.”

Nathi:”UCebi?”

Sinalo:”Ngimushiye esibhedlela ekuseni.”

Nathi:”Wamuyeka wangena yedwa?”

Sinalo:”Mana bhuti uCebile akuseyiyo ingane akukho okuzomvelela.”

Nathi:”Ngiyazi bafo.”

Sinalo:”Wena unjani?”

Nathi:”Angikhoni kukuchazela bafo ngifile nami ngaphakathi kimi.”

Sinalo:”Kumele kuqalelwe amalungiselelo bafo.”

Nathi:”Angazi okumele ngikwenze okokuqala, angazi ndoda.”

Sinalo:”Asambe siye esbhedlela.”

Nathi:”Ngisagqoka izicathulo.”

Bazilungise baphume kushayele uSinalo.

Sinalo:”Manje indaba yemoto?”

Nathi:”Okwamanje ngifuna kubeka inkosikazi yami ngokuthula laba ngizobhekana nabo emva kwalokho, angifuni nokuthi iye emaphoyiseni lento ngoba izongibambezela.”

Kukhale ucingo lwaNathi alubambe

Nathi:”Mjay.”

Mjay:”Ngizwile ngevrou phephisa nangemoto.”

Nathi:”Kunjalo.”

Mjay:”Imoto?”

Nathi:”Bayithathile angifuni nokuyibheka manje ngizodila ngabo mangiqeda kubeka ivrou angifuni umsebenzi wakhe uphazamiseke.”

Mjay:”Ngiyazwisisa Nay.”

Nathi:”Oledi nalo lisesbhedlela kodwa bathe sekaphumile ebungozini, kusele enye intwana nje isoka laCebi.”

Mjay:”Abo Cebi sebanamasoka, nawu umhlolo.”

Nathi:”Wena uyadlala lomuntu sekafake nencwadi uyamulobola nje.”

Mjay:”Ingabe yenze kanjani lentwana kuthi uyivumele ngoCebi wakini.”

Nathi:”Intwana egrand uzoyibona nawe, ithi ngihambe Mjay ngiyabonga kungithinta.”

Mjay:”Uyazi ngihlala nginawe ngizokubona ezinsukwini ngizoza nevrou.”

Nathi:”Sho uyibingelele.”

Aluvale uNathi abuke phambili uSinalo aqhubeke ngokushayela

Sinalo:”Bhuti.”

Nathi:”Mmmm.”

Sinalo:”Wathembisa ubaba ukuyeka impilo yobugebengu.”

Nathi:”Ngasifeza isithembiso sami.”

Sinalo:”Kungani akushayela ubhuti Mjay?”

Nathi:”Azange sihlukane sobabili sayeka ubugebengu sathuthukisa izimpilo zethu, kodwa esimeni esinje indoda iyazikhumbula izikhali zayo.”

Sinalo:”Bhuti yekela amaphoyisa enze umsebenzi wawo.”

Nathi:”Eyami inkosikazi ngeke ihambele amahhala Sinalo ngizobathola labantu ngizobabulalala. Wena ngifuna ungithembise kubheka umama noCebile, usondeze nalesoka laCebi eduzane nizogada lomndeni.”

Sinalo:”Khuluma nobabomdala okungenani akubonise.”

Nathi:”Sekamudala ubaba angifuni kumukhathaza ukahle makakhathazeka ngokunakekela umndeni kuphela.”

Bafike esibhedlela behlike bangene

Sinalo:”Bhuti mawuhamba kuyobheka.”

Amungene emlonyeni

Nathi:”Wena ungubhuti wami omncane okusamele aphile mangabe ufuna kungicela ukuhamba nami masesithole labantu khohlwa ngiyanqaba.”

Athule uSinalo ngoba abefuna ukusho njalo bangene ewodini likaLwazi ngoba lisekuqaleni. UCebile uhlezi celeni kombhede kanye nomaKhoza okhalayo. UKhoza ume ngezinyawo, kube uBongiwe uhlezi phansi uMsizi uyamele kubonda. Kuthulekile abakhulumi. UBongiwe athuke abuye azibambe mabangena uSinalo ngoba uyanaka amubone kepha angamugqizi qakala ngoba akamazi nokumazi.

Nathi:"Sanibonani."

UKhoza abahlangabeze aqonde kuNathi amuxhawule abuye amubheke emehlweni.

Khoza:"Ndodana ngiyaxolisa ngokukuvelele qina mfanami."

Avume ngekhanda uNathi

Khoza:"Uma kukhona esingasiza ngakho kuthi kutholakale lezigelekeqe usazise ndodana. Ayikho into engiyizondayo njengabantu abamunca igazi labanye. Angikwazi ukhule njani kodwa uma uba nalo ithuba lokubafinyisa igazi ukwenze lokho ndoda."

MaKhoza:"Baba."

Khoza:"Cha nkosikazi mana."

Kungene uMholi babhekane angabingeleli uSinalo amubuke eside isikhathi.

Nathi:"Mhlawumbe kudala bakwenza kubalungela baba abangakwazi ukuthi bangene emzini ongathintwa. BoNkosi ngeke bayiyeke uyabona nalomfazi owayephakathi lapha uzoyilandela inkosikazi yami. "

Khoza:"Bekukhona nomfazi kanti?"

Nathi:"Yebo baba futhi wayesekhala athi asambe myeni wami, umyeni wakhe nguyena owadubula inkosikazi yami. Iso ngeso baba."

Sinalo:"Ubaba akasikhulisanga kuthi sibe babulali kodwa lokhu nami ngiyakuvuma iso ngeso."

Kungene ubabMongezi naye ungeniswa ukubona amadodana akhe abendlula. Wezwa nalenkulumo yabo uCebile asukume ayomuhaga.

BabMongezi:"Sanibonani, unjani sesi?"

Cebi:"Ngikahle baba."

BabMongezi:"Uphapheme umawenu basematasa ngaye."

Kubencono kubona ukuzwa lokho, ahambise amehlo ubabMongezi kubo bonke.

BabMongezi:”Mkhathini.”

Khoza:”Ndlangamandla.”

BabMongezi:”Bathini ngesimo sendodana?”

Khoza:”Kuthulekile ndoda yingakho ngizihalela lezigebengu kwamina nje.”

BabMongezi:”Kanti bazotholakala.”

Khoza:”Ayathembisa amaphoyisa?”

BabMongezi:”Angiwabhekile amaphoyisa angifuni nokuwanaka, ngizozitholela mina bangene emzini kaSpoki babulala umakoti wendodana kaSpoki. Sebavuse iqunga likaSpoki ngeke abayeke.”

Babukane bone ngokumangala ngisho namadodana akhe.

Sinalo:”Ubani loyo?”

BabMongezi:”Hambani niyobheka umawenu nawe Cebile mina ngimubonile.”

Baphume uSinalo asalele emuva emnyango

Khoza:”Ukhuluma ngoSpoki leso sigebengu ingabe sisaphila?”

BabMongezi:”Siyaphila siwumqemane ukuthi sayeka ubugebengu ngoba besesinayo yonke into esiyifunayo empilweni.”

Khoza:”Ngiyabazwela.”

BabMongezi:”Mkhathini sibonga impilo ngisayobheka umndeni nisale kahle mangingasabuyanga.”

Khoza:”Kulungile”

Aphume ubabMongezi uSinalo naye asithele kuthi angaboni abesele, masekahambe wayosithela aphume naye athi uyamulandela. Athuswe ukubabaza okuqhamuka ewodini likaLwazi eme emnyango.

Khoza:”Noma banganyamalala baye phesheya mangabe ngempela abakwaNkosi bahlobene naloSpoki kuphelile ngalezigebengu. Nami ngiyaxola ngoba ngiyazi indodana yami ayilimelelanga ize.”

MaKhoza:”Baba angizithandi izinkulumo zakho namuhla, nalento oyishilo kubhuti kaCebi angiyithandanga. Umntwana uhanjelwe ikhanda lakhe alicabangi kahle wena uyamugqugquzela. Uyazi izinto ayezenza loSpoki ezihlasimulisa umzimba wena uyamufisa manje.”

Khoza:”USpoki wayengasukeli muntu bonke ubugebengu nokubulala ngesihluku wayekwenza uma esukelwe. Njengamanje usukelwe nkosikazi buka indodana yethu ingavuka seyixhwalile ngenxa yalabantu. Noma ngabe bengiwumfundisi ukhololo bengizowulahlela kude le ngizibambele.”

Mholi:”Ubani kanti loSpoki?”

MaKhoza:”Awufisi nokwazi ndodana ngena kulabo google benu useshe lapho nginesiqiniseko kukhona ozokuthola ngoba lowo wayenza izimanga abulala ngesihluku ajike angabambeki. Akekho omaziyo ukuthi unjani ngaphandle kombhalo (tatoo) ababemubekisa ngawo esiswini.”

Msizi:”Ubani umuntu ongaba netatoo esiswini kodwa?”

Khoza:”Yindoda leya nkosikazi ngiyaxolisa indodana yami akunginiki kuthula ukuyibuka inje.”

MaKhoza:”Ngiyazi baba nakimi kubuhlungu ngicela ungacabangi kakhulu ngoba kuzokulimaza.”

Khoza:”Kulungile nkosikazi.”

MaKhoza:”Batheni emaphoyiseni?”

Athule uMholi akamuzwa umawakhe ujulile

Khoza:”Mholi awuzwa na.”

Mholi:”Ba.”

Khoza:”Umawakho uyabuza bathini emaphoyiseni?”

Adonse isikhohlela

Mholi:”Ngibuye naye ngeke asaboshwa.”

Ngaphandle azihambele uSinalo makabona ukuthi sebakhuluma ngento angayazi.

Khoza:”Kanjani?”

Mholi:”Indodakazi yakho ayisekho ejele azange ingeniswe futhi ungazikhathazi ukuthi ngenze kanjani.”

MaKhoza:”Pho kungani ungezanga naye?”

Mholi:”Lomuntu amushayisile ukulesibhedlela ngithe angezi ngizomuzwela.”

Khoza:”Usumuzwele?”

Mholi:”Eya akukubi kakhulu.”

MaKhoza:”Kwancono bandla indodakazi yami.”

Ngale ewodini lika mamGugu bajabulile bayakhala ubabMongezi ume emnyango ubabhekile. USinalo asondele amubuke ubabomkhulu wakhe aze asondele babukane.

BabMongezi:”Kwenzenjani ndodana?”

Sinalo:”Ngubani uSpoki?”

BabMongezi:”Akumuntu bengizikhulumela nje.”

Babukane bese ungena phakathi ayohaga umawakhe afikelwe nawukukhala.

MamGugu:”Nafika nodwa uphi uAmanda?”

Babukane bonke bagwajaze uNathi zehle izinyembezi afulathele ngaleso sikhathi aphume. Amulandele uSinalo

MamGugu:”Bayaphi?”

Angene ubabMongezi amehlo mawahlangana amoyizele umamGugu abuye ashalazele ayohlala celeni kwaCebile.

BabMongezi:”Sisi.”

MamGugu:”Bhuti.”

Ngaphandle masekawehlisile umoya uNathi umfowabo umuqaphile nje.

Nathi:”Asiye khabo Amanda sengikahle manje kwenza amalungiselelo ngizobamba lezigebengu.”

Bangene emotweni bayishaye izule

***ISIQEPHU 07***

***SBONGILE***

USbongile uhlezi ngaphandle ulokhu ubheke ucingo lwakhe manje sekayazisola.nje ngokungacabangi kwakhe aze akhulume kabi noSinalo wakhe. Alokhu edlala ngocingo lwakhe kungene imilayezo ilandelana. Amoyizele makabona ukuthi ibuya kuNhloso phela selokhu anyamalala. Ayivule ayilalele ngoba uyabona uthumele iphimbo uyaxolisa uNhloso uyakhala futhi kuze kukhale naye uSbongile asukume egijimale endlini alinde umawakhe.

Azibuze ukuthi kwenzekeni ngoNhloso ingabe ukuphi amucabange ugogo wakhe ezwe esaba bandla. Makamuzwisa lephimbo lakhe bese uyashona la umntomdala. Ashayele umawakhe ngoba naku isikhathi sishaya akabuyi.

MamYoli:”Nana.”

Sbo:”Ukuphi ma ungabuyi?”

mamYoli:”UNokthula uyeza lapho uzokutshela mina angikhoni kukhuluma manje?”

Sbo:”Ukahle mama?”

MamYoli:”Ngikahle sesi ungakhathazeki.”

Ingene imoto kaNokuthula asasocingweni.

Sbo:”Nangu angena usisNokthula.”

MamYoli:”Kulungile sesi.”

Avale ucingo aphumele ngaphandle ngoba ujahe kuzwa kuthi ukuphi umawakhe. Aphakamise amehlo abone uSinalo kanye nobhuti wakhe omdala bangena khabo Mihla. Ibe buhlungu inhliziyo yakhe aphakamise amehlo uSinalo abuke naye khabo Sbongile ubhuti wakhe akhulume okuthile bangene. Aphume emotweni uNokuthula bahagane

Nokthula:”Ukhalelani manje?”

Sbo:”Cha akulutho.”

Nokthula:”Noma umawakho sekakutshelile?”

Sbo:”Asingene endlini sisNokthula umama akangitshelanga lutho.”

Nokthula:”Pho ukhalelani?”

Sbo:”Ngichoshiwe nje.”

Bangene endlini iso lilokhu libuka khabo Mihla, bangakahlali naphansi.

Nokthula:"Hamba uyolungisa sizolanda umawakho usesbhedlela."

Sbo:"Wenzani lapho?"

Nokthula:"Bekayohlola nje."

Sbo:"Ayohlolani umama akaguli?"

Nokuthula:"Yebo akaguli kepha abenokuhlushwa ikhanda azange akutshelee, manje ukahle yingakho athi simulande."

Sbo:"Kulungile ithi ngiyoshintsha."

Angene egunjini lakhe ashintshe abuye bayogibela emotweni bahambe. Noma sebendlula khabo Mihla abheke aze ashawe uvalo azibuze ukuthi mangabe bazolobola, abuye azikhuze cha akekho umuntu ozilobolelayo. Baxoxe okungatheni nje……

***ESIBHEDLELA***

Khoza:"Ndodana ngicela uyongifunela okokuphuza."

Mholi:"Kulungile."

Msizi:"Nami ngiyakufuna ngilinde."

Baphume la emnyango bahlangane noCebile ugoqe iziandla zakhe uhamba ubheke phansi ashayise uMholi amubambe ngokushesha angawi.

Mholi:"Kumele uyophumula manje sizokwazisa makuba noshintsho."

Kwehle izinyembezi

Cebi:"Cha mangisekhaya akuhlaleki ngiyasaba ilento eyenzeka kuncono mangila duze noLwazi."

Babukane

Msizi:"Kumele unakekele nempilo yakho phela makaphaphama la uLwazi akufice umuhle kakhulu."

Azame kumoyizela kufane izinyembezi ziyazehlela nje.

Mholi:"Heyyyy Cebsile uyaqhaqhazela ugcine nini ukudla?"

Angakhoni kukhuluma akhale amuwolele kuye uMholi naye uvalo luyamushaya amuthulise akhale kakhulu uCebi. Bamuthilise obhuti besoka lakhe babonise ukukhathazeka nabo. Abuke uMholi ngoba aduzane naye amubheke emehlweni kube

ngathi kukhona akubukayo. Amuhage uMholi ngoba ebona lesenzo amuyeke ngokushesha.

Mholi:”Muyise ewodini mina ngizaya kothenga.”

UMsizi akamuzwa ubuke wesifazane okhuluma nodokotela buqamamana kunabo, amubheke uMholi naye abuke la abuke khona anikine ikhanda.

Mholi:”Ngena phakathi sesi ngizokuphathela kokudla ngifuna uzinakekele uzokwazi ukuba namandla uLwazi ukuthanda kabi ngeke abe kahle wena mawubuthaka.”

Cebi:”Ngiyabonga bhuti.”

Angene ewodini uMholi akhiphe ucingo abhale

Mholi:*Kumele sihambe manje.*

Abuke ubhuti wakhe ekhamisile uze uyasondela ngakulo wesifazane akanakile amuyeke amubukele. UMsizi umubukile ngoba ekhuluma uyabonakala akajabulanga neze ulokhu wehla iInyembezi. Ubuhle kodwa bugqame kakhulu asondele afike eme celeni kwadokotela bamubuke nabo angakhulumi ulokhu ubheke lowesifazane. Makema athule udokotela bobabili babuke uMsizi

Dokotela:”Sawubona mnumzane.”

Msizi:”Ahm uxolo bengi bengi ewu ngizokulinda uqede ngize kusesi lo.”

Amangale lo wesifazane ngoba akamazi

Dokotela:”Khululeka besesiqedile.”

Abashiye lapho basale babhekene amoyizele uMsizi

Msizi:”Igama lami uMsizi.”

“Ngingakusiza?”

Msizi:”Hayibo eyyy ungangisiza kakhulu nakhu ngithatheka bandla ngicela ungangiphoxi angazi okumele ngikwenze manje. Angazi ngifike njani la ngidonswe ubuhle bakho manje akujikeki.”

Amoyizele lo wesifazane

Msizi:”Ngiyazi usesibhedlela kungenzeka kukhona okungekho kahle angifuni kubanga isicefe ngicela ungiphe inombolo yakho. Uzothi mawungekho ngikuthinte mhlawumbe emva kwesonto.”

“Cha angifuni nokuthi ube nethemba bhuti mina angizenzi lezo zinto.”

Msizi:”Ingabe udade ushadile?”

Amubuke umunwe awunalutho ajabule uMsizi azitshele ngeke asasuka la noma angamuphoxa. Uyazazi akakahlukanisi nenkosikazi yakhe kodwa uyaqala ukuzizwa ngalohlobo.

Msizi:"Ngiyakucela yazi mangabe nguwe oze kudokotela ngizongena nawe phakathi uzoze unginake muntu omuhle."

"Ngishadile bhuti nginezingane ezine."

Msizi:"Ngicela ungibonise izithombe zezingane zakho nomyeni wakho."

"Mxm ulibele yazi wena."

Msizi:"Ngiyakucela phela."

Babukane kusondele abanye ababili omnye aziphose kuye amuhage.

"Uyagula na, kungani ungangitshelanga?"

"Ngikahle nana uyangibona angithi."

Babuke lo wesilisa ome naye

Msizi:"Igama lami uMsizi Khoza ngiyaxolisa namuhla ngizonilandela aze anginike inombolo yakhe."

Babukane bobathathu kepha iso laMsizi likulo wesifazane omuhehile naye uyamoyizela manje. Makabona laba ababili bamubuka bamoyizele nabo akhululeke.

Msizi:"Ngicela ningikhulumele naye."

"Sesiyahamba thina ngijabulela kukwazi Msizi kodwa usebhadini ngoba mina ngishadile njengoba ngishilo, asambeni."

Msizi:"Kulungileke kodwa angikukholwa bandla, ingabe ushadile vele?"

"Ngithe ngishadile nginezingane ezinhlanu."

Msizi:"Cha maye unamanga muntu omuhle uqale wathi izingane zine manje sezinhlanu."

Amoyizele owesifazane

"Enye ila esiswini.:

Babukane

Msizi:"Ngiyakucela mangabe ngikunukela amakhwapha uzobese uyangichitha, ngicela kuyophuza nawe ikofi kancane nje, ngiyacela."

"Kahleni bo."

Makathi uyahamba agijimele phambi kwakhe uMsizi amubambe ngesandle aguqe bamangale.

Msizi:”Inombolo yakho ngiyakucela ungangikhohlisi ngomyeni ongekho, angihlali la ngisaba kuthi mangihamba ngingakatholi lenombolo ngeke ngiphinde ngikubone muntu omuhle.”

Adonse umoya uMholi ulokhu ubukele kuze kuqhamuka ubaba wabo naye abuke lomhlolo.

Khoza:”Wabukela umfowenu azenza uhlanya nje wena, wenzani uyakhuleka?”

Mholi:”Muyeke baba uyashela.”

Khoza:”Ushela aguqile yingakho umfazi wakhe emudelela kanje.”

Ahleke uMholi makaphakamisa amehlo nangu ubabMongezi uza ngakubo athuke abuyele ewodini akhwaye umkakhe, akhiphe imali aqonde kuMsizi osanganiswa uthando afake imali esikhwameni sehembe aligqokile.

Mholi:”Kukhona la engiphuthumela khona uthengele lentombi yalomfana ukudla ubukeka abuthaka, dade ubafo wami uzophelelwa amadolo muzwele. Lamadolo mawangakhuleki wenza nje hayibo uzohamba ngewheelchair phela manje.”

Abafulathele bahleke nabo bathole ithuba lokumushiya lapho aguqile uMsizi, asukume uyamubona lomuntu omuhle uthathekile kodwa akazi inkani eyani. Abalandele makaqhamuka ngala abasithele ngakhona angababoni. Akhathazeke aphenduke azithele kowedwa walabesifazane abafike muva.

“Sawubona.”

Uyamubona usemuncane lona

Msizi:”Unjani?”

“Igama lami uSbongile nayi inombolo ngicela ungangicebi.”

Msizi:”Inombolo yomuntu omuhle?”

Ahleke uSbongile avume

Msizi:”Kungani unginika?”

Sbo:”Nginento engiyibonile emehlweni akhe angikhoni kuyichaza, ngiyathemba awuzanga kuzodlala ngaye.”

Msizi:”Angikho  njalo ngiyathembisa,  ngiyabonga mntanami.”

Sbo:”Ungasheshi kumushayela ngoba usaphithene ikhanda manje.”

Avume ngekhanda afulathele uSbongile naye ayosithela uMsizi asale amoyizela yedwa.

Msizi:”Angizanga ngokuzodlala wangiheha owesifazane ngiyathemba ngeke akuxwaye ukuthi uyahlukanisa.”

Aphenduke naye ayofuna okuphuzwayo abuyele emuva, baphinde bahlangane babukane manje angasho lutho kepha uyamoyizela.

Khoza:”Soqedile ukushelake?

Ahleke uCebi abuye abanike abaphathele kona ingqondo ikulo wesifazane abuke inombolo yakhe…

Ngaphandle

MamYoli:”Nana awungithengele airtime lapha enkantini.”

Amukhangeze imali ahambe uSbongile ulokhu ubheka emuva umamYoli.

Nokthula:”Umubonile ukuthi ungene kuphi nje mulandele noma ngikuyele mina ngomunika inombolo yakho?”

MamYoli:”Ugcwele kudlala nawe umubonile.”

Nokthula:”Yoli uthathekile ngikubonile, umzwile akahlali la maseningasabonani?”

MamYoli:”Uyazi okwangivelela angifuni kuzixaka ngezinto zothando.”

Nokthula:”Usavumela lomdlwenguli sesi alawule impilo yakho ngalohlobo kahle bo, thatha nayi indoda uswahla lwensizwa futhi uyibona ngokugqoka.”

MamYoli:”Kona ungithathile kepha nginamahloni ngoSbongile, cabanga senginika owesilisa ongishelayo inombolo yami phambi kwengane yami.”

Nokthula:”Ncooooo sisi, somubonile udokotela?”

MamYoli:”Ngimubonile uthe akalimalanga kakhulu into emufake kukhoma ukophela ngaphakathi kepha sebakhonile kukuvimba lokopha.”

Nokthula:”Kwanconoke manje uzomtshela iqiniso uSbongile?”

MamYoli:”Ngizomtshela ngoba siyathembisa isimo sakhe.”

Nokthula:”Kulungile sesi.”

Aqhamuke uMsizi futhi manje unabazali bakhe angababoni ngoba ukhuluma nobaba wakhe. Ashawe uvalo umamYoli aze azibambe esifubeni amoyizele into engekho. USbongile amubone umawakhe naye athinteke umawakhe kumele ajabule bandla. Bandlule boMsizi bayophumela ngaphandle asale edonsa umoya umamYoli.

Nokthula:”Hamba uyomunika.”

MamYoli:”Uhamba nabantu abadala futhi uyamubona nawe manje akahleki.”

Nokthula:”Nisazohlangana uma kudaliwe.”

***ISIQEPHU 09***

***KWAKHUMALO***

UKhumalo selokhu abona uSbongile akakhoni ukulala akakhoni nokudla kahle, uyafuna ukuziveza kuye acele uxolo.

MaKhumalo:"Baba awujabulanga khawula lokungikhohlisa ungitshele kwenzakalani."

Khumalo:"Nkosikazi kunento engayenza eminyakeni eminingi eyandlula ngenkathi sisahlala emapulazini."

MaKhumalo:"Wenzani Khumalo?"

Khumalo:"Kuyangidla manje, ngadlwengula isisebenzi sethu."

Akhumbule kahle umaKhumalo nezinto azenza emva kokuthola, wazama ngakho konke okusemandleni akhe ukucisha lomlilo wehlazo elenziwa umyeni wakhe. Ukhumbula kahle ethumela abantu ukuthi bayoyibulala lentombazane bafike babulala umalume wayo azange aphinde ayithole. Umukhumbuze unembeza wakhe konke okubi akwenza kulentombazane.

MaKhumalo:"Ngobani Khumalo?"

Khumalo:"Ukungalawuleki nje nkosikazi, ngangihlala ngilingeka njalo mangisibona lesisebenzi ngaze ngayidedela imizwa idlale ngami."

MaKhumalo:"Ungitshelela kuthi ngenzenjani manje emva kwesikhathi esingaka."

Khumalo:"Ngimubonile."

Athuke umaKhumalo akhulume enganakile ngenxa yovalo.

MaKhumal:"Hayibo ubone yena qobo lwakhe ngoba aboZozo bathi wafa ayoteta nje."

Aphakame ngezinyawo uKhumalo abheke inkosikazi yakhe eseyibeke isandla emlonyeni.

Khumalo:"Ubuwazi ukuthi unengane?"

Akhale umaKhumalo

MaKhumalo:"Ubusungihluphe kakhulu Khumalo ngenza ngingacabanganga ngiyaxolisa."

Khumalo:"PHENDULA UMBUZO DUDUZILE."

Uyavevezela uKhumalo manje umaKhumalo abone umyeni wakhe eselibhungu amhlupha ngokuqonywa.

Khumalo:”DUDUZILE.”

MaKhumalo:”Ngiyaxolisa baba ngathuka ngabona ukuthi uzongishiya ngoba nangu ukhulelwe mina ngakuzalela ingane eyodwa nje. Ubuzongishiya myeni wami ngoba wawusathanda ukuqonywa.”

Khumalo:”Mina ngikubuza ukuthi ubuwazi kuthi nginengane la ngaphandle kepha wangasho lutho kimi?”

MaKhumalo:”Bengazi baba yingakho ngazama kumubulala kwase kufa umalume wakhe sase siyathutha ngamuthumela ngabantu kuthi babuyele emuva bamubulale.”

Khumalo:”Konke lokhu ukwenza wazi ukuthi ukhulelwe ingane yami? Kahle kahle ububulala ingane yami Duduzile?”

MaKhumalo:”Ngiyaxolisa baba.”

Khumalo:”Yonke leminyaka ngihlezi nombulali.”

MaKhumalo:”Ngizohamba nawe kuyoxolisa kuye asambe baba.”

Acabange uKhumalo abone ukuthi usazozama kumubulala futhi igceke labo alivikelekanga.

Khumalo:”Angimazi ukuphi noma usaphila mina bengimufanisa nje, manje ngifuna kumuthungatha ngize ngimuthole.”

MaKhumalo:”Ngizokuthungathisa yena baba ukubonisa ukuzisola.”

Khumalo:”Angikufuni eduze nalowa mndeni uyangizwa ngoba ngizokubulala ngezami izandla. Wena ubuzenza ncono kanti nawe ubunezakho, namuhla indodana yethu ayicaci impilo yakhe ngenxa yezono zethu. Wawufuna kubulala ingane yami noma wayibulala ngempela.”

MaKhumalo:”Baba.”

Athathe ukhiyo wemoto afulathele

MaKhumalo:”Baba awukwazi kuhamba singakaqedi kukhuluma.”

Khumalo:”Ungasondeli kimi kumele ngibone ukuthi ngiyithola kanjani ingane yami mhlawumbe ikhule ihlupheka mina ngisaphila ngenxa yakho.”

Aphume uKhumalo izindlebe zakhe ziduma kanye nekhanda iphimbo lenkosikazi yakhe wazama kubulala indodakazi yakhe. Kumele ayivikele namanje usengamubulala ngenxa yamafa ngoba ufuna kushintsha konke manje abhale kabusha konke. Ahambe ngathi uya estolo sakhe kepha aqonde khabo Sbongile apake imoto buqamama nakhona ehlike ayongena phakathi egcekeni. Manje uzidelile mangabe ufuna kumbulala uDumsane akafe sekayivikele indodokazi yakhe.

Akokode kubonakale ukuthi akukho muntu la abuyele emotweni yakhe makayisusa nje kungene enye imoto behlike khona. Azithole emoyizela yedwa athalaze futhi kuthi akekho omubhekile ehlike ayongena. Akokode umnyango uvuliwe avele umama Sbongile athuke ibe buhlungu inhliziyo kaKhumalo.

Khumalo:"Angizanga ngempi Yoliswa ngiyathembisa izinsuku zami zibaliwe ngifuna kuhamba ngilungise konke."

MamYoli:"Hamba la."

Angene uKhumalo avale umnyango uYoliswa ahlehlele emuva

Khumalo:"Ngiyacela ngifuna kukuvikela ngiyazi inkosikazi yami yayifuna kukubulala, namanje ngiyanisabela angazama okuthile ngicela ungivumele ngikuvikele. Noma ungaya emaphoyiseni emva kwalokho ngizozwisisa."

Kuqhamuke uSbongile amubone lowesilisa abheke umawakhe ukhiphe wonke amehlo uNokuthula asondele kuye amuphulule emhlane.

Khumalo:"Ngiyacela Yoliswa."

Acabange umamYoliswa

Khumalo:"Yoliswa mina bengingazi ngaye ngathuka mhla ngimubona okokuqala."

MamYoli:"Wamubona kanjani?"

Abheke uSbongile odidekile uKhumalo

Khumalo:"Mangabe uyamkhumbula umama."

Adonse umoya umamYoli ahlale esitulweni noKhumalo adonse esinye bahlale.

MamYoli:"Nokuthula ngicela nisishiye kancane."

Sbo:"Mama ngenkathi uqala ukubona lobaba azange ube kahle ngeke ngikushiye naye."

MamYoli:"Khululeka sesi angithi nizohlala khona la egcekeni, ngiyakucela nana."

Aphume noNokuthula amulandele bangawuvali umnyango asale amubhekile uKhumalo.

MamYoli:"Ufunani?"

Khumalo:"Emva kwalento engakwenza yona.."

Amungene emlonyeni

MamYoli:"Inegama lento owangenza yona."

Khumalo:"Emva kokukudlwengula Yoliswa wangidla unembeza ngazama kuhlangana nawe kodwa wawungasezi emsebenzini. Nakhu sesithola indlu kwenye indawo sathutha sibhudubhudu."

MamYoli:”Awume Khumalo ngoba angikuzwa mina uthini, angifuni nokwazi ukuthi wena kungani wawungizingela nenkosikazi yakho.”

Khumalo:”Bengingazi ngengane ngiyathembisa.”

MamYoli:”Ubungazi  kulungileke manje ufuna kwenziwenjani ngoba ikhulile ingane.”

Khumalo:”Inkosikazi yami isiyazi ngayo ngicela kunakhela nivikeleke ngoba makanganithola angazi uzozama ukwenzani.”

MamYoli:”Usuka le uzofuna kuvala ihlazo lakho ngokuthi usakhele, khohlwa ngicela uhambe.”

Khumalo:”Uma usucabangile kahle ngicela ungithinte.”

MamYoli:”Mina ngiyokuthinta mzukwana sengiza namaphoyisa kuthi akubophe”

Khumalo:”Ngicela ucabange enye indlela ongangijezisa ngayo ungangiyisi ejele. Nginendodana esenkingeni manje ngiyabona ukuthi konke kwenziwa izono zami engazenza. Ngicela ungiphe ithuba lokumulungisela.”

MamYoli:”Usukukhulumile obufuna kukukhuluma ngicela uhambe manje.”

Afake isandla ekhikhini abuye nekhadi lebhizinisi elinamanombolo akhe alibeke phezu kwetafula.

Khumalo:”Ngicela ungiphe ithuba kuyimanje ukhulelisile nginomzukulu osendleleni ngiyakucela Yoli ngiphe ithuba ngilungise indodana yami. Ungishayele uma udinga oluthile.”

MamYoli:”Akukho engizokudinga kuwe mdlwenguli ndini inga e ayisagqoki mapampers ayisadli kudla.”

Khumalo:”Kepha iyafunda angithi ngiyakucela.”

MamYoli:”Ngeke ngikusize mina ekuneseni unembeza wakho angikufuni empilweni yami Khumalo wena wangilimaza. Kuyimanje umfowethu usesibhedlela mhlawumbe nguwena omuthumelele ngabantu ngoba ufuna kungena la kwami ukhululekile.”

Intikuthelo iqala phansi manje kuYoliswa sekayathetha kuze kusondele uSbongile kepha angangeni eme ngaphandle.

Khumalo:”Akunjalo Yoli mina engikufisayo ukubakhona empilweni yengane noma ngakwenza into ebuhlungu. Okungenani ngicela ungixoxele ngaye lokho nje kuthi abenjani akhula.”

Sekayakhala noKhumalo ngaphandle uSbongile abeke izandla esifubeni yilento ayizwayo.

Khumalo:”Namanje ngisasho ukube bengazi ngendodakazi yethu bengizosiza kodwa inkosikazi yami azange ingitshele.”

MamYoli:”Lokho akushintshi lutho Khumalo WANGIDLWENGULA, kuyimanje ngihlezi nawe uvalo luyangibulala. Indodakazi yakho yacishe yadlwengulwa uyazi leso simo sangenzani mina? Sangibuyisela emuva ngangakhona nokududuza ingane yami kahle.”

Khumalo:”Ohhhhhhh maNtuli ngimukise ejele uma kuzokuxolisa, ngibophise.”

Ezwe kucace uSbongile ukuthi uyise wakhe lo azibone naye vele ukuthi uyise wakhe lo. Yebo wanyukubeza umawakhe kodwa manje ufisa ngathi angayoziphosa kuye ezwe uthando lwakhe. Afulathele uNokuthula aphume emotweni makamubona aqonda esangweni.

Nokuthula:”Nana uyaphi?”

Aziqinise acwayize kaningi kuthi kuvimbeke izinyembezi

Sbo:”Ngifuna kuyobheka ugogo, ungahambi umama ngathi uthukuthele makuphuma lobaba uzomubheka mina ngiyahluleka kubuka umawami makakhala.”

Nokuthula:”Kulungile.”

Aphume ngesango nezinyembezi ziphume ngamehlo akhiphe ucingo lwakhe ashayele uSinalo angalubambi. Akhumbule ukuthi kugcine kwenzakalani phakathi kwabo zehle kakhulu izinyembezi. Ehle ngomgwaqo angangeni nakwagogo athuke sekuma imoto celeni kwakhe makabheka ilobaba wakhe. Abiphe uSbongile akhale kakhulu ehlike uKhumalo emotweni asabe kumubamba amubuke naye ezwe ubuhlungu.

Sbo:”Ungubaba wami?”

Avume ngekhanda uKhumalo akhale kakhulu uSbongile amubambe uyise, uSbongile ezwe lento kukudala afisa kuyizwa ukuthuliswa ubaba wakhe. Azizwe ngathi weyisa umawakhe kodwa manje uyafuna kubanjwa ubaba wakhe. UKhumalo naye abone kuthi uyamamukela uSbongile amuthulise ngokukhululeka.

Khumalo:”Ngiyaxolisa mbali yami noma sengikufica usuqhakazile kepha ngijabulela ukukubona.”

Sbo:”Ingabe igama obozongipha lona lelo likaMbali?”

Khumalo:”Yebo ngiyaxolisa ngobubi engabenza kumawakho ngeke angixolele futhi.”

Sbo:”Ngiyazi, ngiyabonga futhi kuziveza ngicela kuhamba.”

Khumalo:”Kulungile kodwa buyela ekhaya umawakho ngimushiye akhala kakhulu, ngiyakuthanda uyezwa?”

Angaphenduli uSbongile amubuke bayekane abuyele emotweni

Sbo:”Baba.”

Ajabule uKhumalo ayibuke indodakazi yakhe efana nomawakhe babhekane.

Sbo:”Angazi ngithini bengifuna ukuzwa kunjani ukubiza igama elinje.”

Ahleke uKhumalo

Sbo:”Ngicela ungimukise khabo mngani wami umama ngeke abe nenkinga.”

Khumalo:”Uzothukuthela kuthi uhanjiswe yimina.”

Sbo:”Ngeke ngimutshele.”

Khumalo:”Asambe.”

Ayogibela emotweni omakhelwane abathanda izindaba sebayifunde bayiqeda kuthi uthandana nabantu abadala. Amulayele la aya khona ehlike makafika abonge futhi, imoto mayisithela ashayele umawakhe ucingo ngapha ashaye ibheli esangweni. Angalubambi ucingo amubhalele umlayezo livuleke isango athuke makuvula ubaba wakhona emnyango.

Sbo:”Sawubona.”

Amubheke lobaba bese umungenisa endlini

“Ngena uyeza manje.”

Angene ngokusaba…..

***ISIQEPHU 10***

***KWAMZOBE***

UNathi makangena nomfowabo kuvele kwaba nomunyu bakhala endlini naye wakhala ikakhulukazi makabona ubaba kaAmanda akhala. Kuphuziswane amanzi behlise imimoya bahlale phansi.

Mzobe:”Mkhwenyane.”

Nathi:”Ngiyaxolisa baba wanginika indodakazi yakho ngahluleka kuyivikela njengoba wena wawuyivikele isakhula, ngihlulekile baba.”

Mzobe:”Ubuwenza umsebenzi wakho wokumvikela sonke besimubona ndodana ungazibeki icala. Lokhu akukho onamandla okuthi akuvimbe.”

MaMzobe:”Ngempela mkhwenyane.”

Nathi:”Mangicabanga ukuthi inkosikazi yami ifele imoto angikhuza mangiyoyithenga athi iyabiza asikho isidingo sayo.”

Mzobe:”Ungazenzi njalo mkhwenyane ngoba ngeke uphole yamukela baba.”

Abhekise ikhanda phansi uNathi umfowabo akafuni kumubona enje naye uzwa ubuhlungu.

Nathi:”Bengizonazisa ukuthi namukelekile ekubekeni indodakazi yenu ngendlela enifuna ngayo, mina nje ningithume.”

MaMzobe:”Umsebenzi wakho lowo mkhwenyane ngoba sekaphuma ngomshado la ekhaya.”

Nathi:”Anginawo amandla mama futhi ngithuke kakhulu umama makathola la uzolimala naye, phela abephinde abe umngani kamama.”

MaMzobe:”Lokho akusiyo imfihlo sonke besibona kuthi banobudlelwane obukhulu benomamezala wakhe.”

Nathi:”Baze bangihlebe.”

Bahleke bonke bakhulume abakufisayo kwenzeke uSinalo ubhala phansi konke.

Nathi:”Ngiyacabanga sesiqedile, uphi uMihla?”

MaMzobe:”Ulele akayithathanga kahle lento.”

Mzobe:”Futhi baxabana nosesi wakhe kancane kodwa manje akekho kahle impela.”

Nathi:”Ngingamubona?”

Sinalo:"Cha muyeke bhuti uzomukhumbuza usesi wakhe kakhulu ngoba abenibona nindawonye njalo."

MaMzobe:"Uqinsile uSinalo mkhwenyane ungezwa kabi."

Nathi:"Cha khululeka mama ngiyazwisisa."

Bavalelise bayongena emotweni umaMzobe ahambe ayobheka indodakazi yakhe makangena ayikho adonse umoya.

MaMzobe:"Akekho ngilokhu ngithi ulele kanti akekho."

Mzobe:"Ungaziphathisi ikhanda ngaye nkosikazi thina kumele siphelezele indodakazi yethu ngokuthula."

MaMzobe:"Sekayawuthanda lomkhuba wokuvele anyamalale angakhulumanga. Kumele ahlale anathi lomuntu ushonelwe usesi wakhe okungukuphela kwakhe kunzima kuphi kuhlala. Uye kulomfana wakaKhumalo nje ngoba azitshela ukuthi uyomuthatha naye."

Mzobe:"Mamsie awuyeke kuziphathisa ikhanda."

Bezwe abantu bacula ngaphandle babhekane

MaMzobe:"Baba bavulele umnyango."

Mzobe:"Kumele baye kwaNkosi nje."

MaMzobe:"Bayazi baba ngiyacabanga bafuna kubona thina qobo, ebasenkonzweni laba."

Abavulele uMzobe bangene bagcwale indlu kugcwale umuncu futhi….

***__MIHLA__***

Mihla:"Ngiyabonga sthandwa sami ukuba nawe kungipha amandla."

Nsizwa:"Akukho la engifuna ukuba khona ngaphandle kwala."

Mihla:"Manje lehhotela ulibhukheleni ngoba besingabonana njengasemhleni."

Nsizwa:"Cha ngifuna mawufuna kulala celeni kwami ngibe nginawe la, ngilibhukhe isonto lonke uzoza noma ngingekho."

Mihla:"Ngicela senze kube yikhaya lethu size sibeke usesi wami. Ngizizwa ngincono manginawe uzoya kumkakho emini ngoba nami ngizobe ngisekhaya kuthi ntambama size la sobabili."

Nsizwa:"Ngeke kubukeke kahle sthandwa sami, ukhumbule uDani akumele simuphathe kabi ngoba nakhu thina sesimutshelile ngathi. Useyinkosikazi yami futhi ngiyamuthanda."

Asukume uMihla ayoma kude le ngasefasteleni abuke ngaphandle aphulule lendandatho ayifakile ahlebe kancane kuyo. Amulandele uNsizwa

Mihla:"Ingane yenza ngikukhumbule kakhulu Mntungwa futhi ngihlala ngikufuna."

Amuhage eme ngemuva kwakhe amuphulule isisu sekayakhala uMihla ngoba kumucasulile ukutshelwa emehlweni ngenkosikazi yakhe.

Nsizwa:"Shhhhhhhh ngizohlezi nginawe mawungidinga, kulungileke ngiyavuma sizohlangana la aze abekwe usesi wakho."

Aphenduke uMihla amuqabule

Mihla:"Ngiyabonga."

Nsizwa:"Buyake uzolala ngizohamba ngiyofuna ukudla."

Mihla:"Ngicela lokhu okukuwe kuqala."

Nsizw:"Ushonelwe sthandwa sami kumele sihloniphe."

Amuqabule esihlathini bese uyongena endlini encane asale akhumula uMihla agibele phezu kombhede adunuse. Ahlebe kwindandatho.

Mihla:"Makangibona makahluleke kuzibamba, makezwe ubumnandi angabazi masilala."

Ngempela aphume endlini encane amehlo ahlale kuMihla ulele kanjani edunusile isitho sakhe sivele sonke. Ahluleke azizwe naye kuthi uzifuna duze naye azikhumule ayogibela embhedeni. Baqabulane bayashesha uPhinda ubabuke okhambeni, yonke lento abayenzayo akhiphe usitho sakhe naye asibambe abhekise ikhanda phezulu.

Phinda:"Mihla Mihla Mihla ngingena kuNsizwa manje umoya wami ungena kuNsizwa ngilalisa owakhe. Unami lapho manje ohhhhhhh yebo yerrrrrr uyashisa Mihla buka lamathanga ohhhhhh makhosi amakhulu ngizoke ngidle la."

Baqabulane amuncele amabele aqume uMihla

Phinda:"Kumnandi?"

Mihla:"Kakhulu qhubeka."

Phinda:"Kulungile sfebe, kulungile your moer. "

Amuncele ahambise isandla sakhe siyofika esithweni sakhe asifice sifuthekile naso abambe isandla sikaMihla asimukise kwesakhe. Abuye amuphakamise ahlale ngezinqe uPhinda eme ngezinyawo, uNsizwa ulele vithi akamuboni uMihla, amuhlohle ugwayi wakhe emlonyeni.

Phinda:”Ngincele ngathi ingane ibona ibele, ngifuna kuzwa ungimunca ngathi udla uswidi uhlanganise lezindebe uyangizwa?”

Amuncele uPhinda amufende emlonyeni masekezwa kushisa kakhulu amufende kakhulu budlaba kuze kushayise emphinjeni. Makazama kumuyeka amushaye ngempama.

Phinda:”Ngithe ngincele ngifuna kuchamela emlonyeni wakho sfebe sami, ungakhathazeki ngizokungena kamnandi kodwa kuqala la.”

Aqhubeke nokumuncela noma sekamufenda umlomo budlabha kuthi ahlanze angayeki aqhubeke. UPhinda makaquma kuphuma iphimbo elibhonga kakhulu livusele uMihla imizwa angayazi. Amuchamele emlonyeni angawukhiphi, achame aze aqede masekaqeda amuphendule kuthi agobe. Makamungena amangale uMihla ukuthi isitho sakhe asiwanga naye umufuna kakhulu  akazi unani uNsizwa.

Isandla sakhe la esihamba khona simubamba kamunandi akabazi ubumnandi obunje. Amungene ngemuva baqume bobabili amufende khona baze baqede, makachama apetule amehlo kuvele okumhophe kuphela.

Phinda:”Simnandi isifebe ngibuyisele endaweni yami manje m€¥)₩ #%@&$₩£₤ djelsldn fodmswwpal cbwkaiitm nsjawllrj.”

Makaqeda kukhuluma lento engezwakali abuyele emzimbeni wakhe uPhinda kusale uNsizwa olele noMihla azilahle celeni kwakhe azumeke akakhoni nokusukuma ayozisula…….

***ISIQEPHU 11***

***KWANKOSI***

UbabMongezi uhlezi ubukele umabonakude ukude nomcabango kuthulekile endlini, uyazibuza ukuthi aphi amadodana akhe. Ezwe sekukhala ibheli makabheka abone intombazanyane imile ayivulele. Emme emnyango ayibheke akayazi kodwa uyabona kungaba umngani kaCebi, uthe usendleleni naye.

“Sawubona.”

BabMongezi:”Ngena uyeza manje umngani wakho.”

Angene kuthulekile aze asabe ukuba nalobaba bebodwa asabe nokuhlala phansi ubabMongezi abone.

BabMongezi:”Cha mntanami hlala phansi zikhona izisebenzi asisodwa futhi umngani wakho uyeza mhlawumbe makakubona kuzoba ncono. Umukhalise kahle, ubani igama lakho?”

“USbongile, ingabe ukude kakhulu angifuni umama akhathazeke ngami ngingamubona nakusasa.”

BabMongezi:”Bazokuphelezela ngathi ngiyakwazi sesi uke wafika la?”

Kuzwakale abantu becula ngaphandle angakaphenduli uSbongile, asukume ngokushesha ubabMongezi ngoba akukho okulungisiwe kubonisa kuthi bashonelwe.

BabMongezi:”Mntanami.”

Sbo:”Ba.”

BabMongezi:”Ngicela ungisusele lezinto lapha baningi labantu.”

Basuse lokhu abakususayo uSbongile umangele nje kuthi kwenzenjani avule isango ubabMongezi ubukeka ekhathele naye. Bangene abantu bakhuleke babakhalise bese bayaphuma. USbongile asale amangele ngoAmanda uyaqala ukuzwa lokhu, ahluleke nokuzibamba.

Sbo:”Baba kwenzakaleni ngosisAmanda?”

BabMongezi:”Sangenelwa abantu la bezotshontsha imoto kaNathi badubula wathinteka kanjalo kanye nomamNkosi kepha yena uyalulama esibhedlela.”

Amangale uSbongile makezwa ukuthi kwenzeka nini lokhu abe namahloni indlela aphatha ngayo uSinalo kanti usezinhlungwini. Makabuka ubabMongezi naye ngathi

akekho kahle ukhathele, amubuke indlela angayo umufanela noSinalo nalebala elikhanyayo esandleni.

Sbo:"Baba wena ubusudlile?"

BabMongezi:"Akungeni ngane yami."

Sbo:"Ngingakuhlanganisela noma isinkwa, noma ngipheke?"

BabMongezi:"Cha sesi hlala phansi ulinde umngani wakho."

Athule uSbongile kube khani azibona izisebenzi ezimbili nazo zidikibele nje phela uAmanda abelungile ephatha wonke umuntu kahle.

Sbo:"Baba ngiyaxolisa kodwa lento sekunamalanga yenzekile ngathi izihlobo azazi ngoba uwedwa nje."

UbabMongezi amubheke kube khani akhumbula acabange usesi wakhe uDeliwe, lowo abezoza ngokuphazima kweso. Aphelelwe amandla ubabMongezi abeke isandla esiphongo abone ukuthi uthuke impela. Akhiphe ucingo lwakhe achofe inombolo yakhe.

Deliwe:"Bhuti namuhla ngashayelwa nguwena?

BabMongezi:"Dade ngifuna kukwazisa ukuthi uGugu usesibhedlela."

Deliwe:"Hayibo kwenzenjani unani?"

Amubekele lonke udaba akhale naye amuzwe uSbongile noma akude nobabMongezi.

BabMongezi:"Ngizothi akulande uSinalo ungayi emabhasini sisi awukho kahle."

Deliwe:"Hawu bandla ngomakoti usisi angakakhumuli nenzilo bhuti."

Bavalelisane ubabMongezi abuke uSbongile

BabMongezi:"Ngiyabonga ngane yami yazi ikhanda liphithene nje nxxx."

Sbo:"Kulungile baba."

Asukume ubabMongezi azizwe anesiyezi abuye ahlale phansi

BabMongezi:"Awungiphe amanzi sesi nakhu ngibanjwa isiyezi."

Aye ekhishini uSbongile athalaze amuthelele engilazini abuke ikasi lokubandisa kunezithombe ezimbili esikaSinalo ugqoke umfanekiso wesikole kanye nesikaCebi. Amehlo akhe ahlale kulesi sikaSinalo amoyizele yedwa ahambise amanzi amunike. Abuyele ekhishini abone kungenakudla izisebenzi zenza okunye. Abuke kumakhabethe kukhale ucingo lwakhe.

Sbo:"Mama ngiyaxolisa ngokuhamba bengingazi ukuthi ngihlale ngenzeni mawukhala ngaloluya hlobo."

MamYoli:"Ukuphi manje?"

Amutshele ngokuhamba kwaAmanda amangale naye

MamYoli:”Ungabuyi ebusuku sesi ungahlala ubone ubasiza njani.”

Sbo:”Kulungile mama.”

Aluvale aguduze kungabi nzima ngoba akukho okungekho, apheke uSbongile. Masekageza izinto bekapheka ngazo kungene imoto kaSinalo ehlike nobhuti wakhe lumshaye uvalo. Ikakhulukazi makacabanga ukungamuniki ithuba lokuthi achaze bayabonakala behamba kuthi kukhulu kuyasinda emahlombe abo. Bangene ubabMongezi ulokhu uhlezi la bekahleli khona uyacabanga naye.

Nathi:”Baba.”

Sinalo:”Ukahle baba?”

BabMongezi:”Kuningi bafana bami, uphi uCebile kanti ngoba uthe usendleleni mangimushayela?”

Sinalo:”Uthe uyobheka emsebenzini kuthi konke kukahle na.”

BabMongezi:”Hawu mina ngihlalise umngani wakhe ngoba uthe uyeza kimi.”

Sinalo:”UCebi akanamngani baba.”

Nathi:”Ngilambile kodwa ukudla akungeni nhlobo.”

Sinalo:”Hamba uyophumula ngizokuhlanganisela okuthile kokudla.”

BabMongezi:”Uyapheka lomngani kaCebi hamba uyolala ndodana sizokuvusa uzodla, nami ngilambile benginganakile yazi.”

USinalo aye ekhishini kuyobona lomngani kaCebi nephunga seliyamuheha, makavela uSbongile amubheke amangale uSinalo.

Sinalo:”Hawu uzokwenzani la?”

Aswabe uSbongile

Sbo:”Ahm bengifuna kukhuluma nawe ngase ngihlangana nalento eyenzekile la ekhaya.”

Sinalo:”Ngangizama kukuchazela kodwa hhayi wavuka inja ebomvu.”

Sbo:”Ngiyazisola manje.”

Sinalo:”Asikho isikhathi sokukhuluma ngento esendlulile.”

Sbo:”Angazi kuphakwa kanjani la ekhaya.”

Sinalo:”Ngisayogeza mina phaka ngendlela yakho.”

Afulathele asale eqhubeka abahambisele uNathi uzumekile kusofa ubabMongezi umubhekile.

Sbo:”Nakhu ukudla baba.”

Amubuke ubabMongezi

BabMongezi:”Ngiyabonga kubeke la etafuleni  ungaletha nekwakhe ngizomvusa adle.”

Akubeke etafuleni ubabMongezi avuse uNathi kuthi adle. USbongile ufuna kuyobona uSinalo kepha abe namahloni okuyongena egunjini laSinalo. Badle baze baqede lutho ukuvela uSinalo, ahambe uNathi kusale ubabMongezi kukhale ucingo lwakhe aphume nalo ekhuluma. Athathe ukudla kwaSianlo ayomukokodela kungabi nempendulo angene. Ulele phezu kombhede umise idolo elilodwa omunye umlenze unabile ubeke isandla esifubeni akagqokanga sikibha. Avale umnyango uSbongile ayohlala embhedeni aphaphame uSinalo.

Sbo:”Ngiyaxolisa kukuvusa.”

Ahlale ngezinqe uSinalo abuke uSbongile ikhanda lakhe liyazula nje. Athathe ukudla uSbongile amunike.

Sbo:”Idla uzophumula kahle.”

Sinalo:”Ngiyabonga.”

Adle kancane abuye amunike

Sbo:”Idla uzoba kahle Sinalo.”

Sinalo:”Umzimba wami ukhathele ngifuna kulala.”

Sbo:”Noma ungumuntu wesilisa kukahle ukuthi ukhale kuzondlula.”

Amehlo agcwale zinyembezi kodwa azibambe zingaphumi, uSbongile abeke ukudla kuletafula afundela kulo akuvale futhi. USinalo alale futhi akhumule izicathulo uSbongile athathe lengutshana ebekwe phezu kombhede alale celeni kwaSinalo ambese bobabili ngalengutshana ngoba ulele phezu kwezungubo uSinalo. Amugaxe kancane uSinalo azidedele izinyembezi amuqinise makalokhu ekhala.

Sbo:”Its ohk kuzondlula.”

Akhale uSinalo ngendlela naye angakaze akhale ngayo phambilini amuphulule uSbongile abuye amusule izinyembezi. Balale kanjalo kodwa besabukana babuye bacimeze. Avule amehlo uSinalo afice uSbongile amubhekile azimoyizelise uSbongile. USinalo amubambe okhalweni sonke lesikhathi makakhala abengamubambanga. Makabeka isandla okhalweni lwaSbongile adonse umoya amukele lemizwa amusondeze kuye, uSbongile athambe naye.

Babukane uSinalo amuqabule athuke uSbongile kodwa amamukele, baqabulane eside isikhathi naye uSbongile sekazigedlile ukhululekile. Isandla masekasihambisa ezinqeni amuyeke uSbongile.

Sinalo:"Phephisa."

Sbo:"Cha ungaxolisi ngiyazwisisa."

Amubambe uSinalo amusondeze kuye kakhulu uSbongile aze asizwe isitho sakhe, ahlanganise imilenze kakhulu ngoba uyezwa kukhona okuphumayo kuye nokuphefumula kushintshile. Afise kunikela ngomzimba wakhe kuSinalo kepha azikhuze ngenxa yento evelile la ekhaya. Ukuphefumula sekushintshile manje kubo bobabili.

Sbo:"Sinalo."

Sinalo:"Mmmmm."

Sbo:"Ngiyaxolisa ngoku…"

Sinalo:"Ungaphinde ukhulume nami ngalohlobo yazi besengizitshela ukuthi sihlukene uthando lwethu lungakakhuli nakancane. Mina angizwani nomuntu owenzisa okohlanya ohlala ngokungicabangela kuthi nginezintombi. Lokho kusho ukuthi awungithembi buka manje besihlaselwe wena wacabanga okunye."

Sbo:"Ngiyaxolisa Sinalo ukuthi ngisaba ukudlalwa."

Sinalo:"Ngiyakuthanda Sbongile wena awazi ushintsho olulethe empilweni yami, zithembe nje kuthi ngeke ngidlale ngawe. Ngingathi ngifunani kulomhlaba kodwa mangingadlala ngawe phela wena uyifull package."

Sbo:"Kanjani soqalile lokuhhema kwakho."

Amehlo awasabukanga kahle kuSinalo amoyizele

Sinalo:"Uhlakaniphile, uyahlonipha, umuhle yooo angisayiphathi eyalokhu ungenza ngincibilike njalo mangiduze nawe."

Asho amuphulula izinqe namahips

Sbo:"Ngiyathemba awuzelanga lokho la kimi."

Sinalo:"Lutho kodwa ngiyakuhalela awuzwe ushisa kamnandi kanjani, yabona mawuphuma unqunu kini azange ngilale."

Sbo:"Yeka amanga Sinalo, nami ngiyakuthanda angifuni kulahlekelwa uwena."

Amuqabule kancane babambane lapho uSbongile agcine sekafulathela aqume uSinalo makathintwa izinqe.

Sinalo:"Ohhhhh."

***ISIQEPHU 12***

***DANI***

Emva kokushiwa ubhuti wakhe nomkakhe emzini wakhe uDanisile ufike wageza wahlala. Ufisa ngathi umyeni wakhe unaye sonke lesikhathi kodwa akekho. Acabange nalomuntu amshayisile, kukhale ucingo asajulile ubhuti.

Msizi:"Vula isango dade ngingaphandle."

Alivule ahle aphumele ngaphamdle ayomuhlangabeza

Msizi:"Sikhona isbali?"

Dani:"Asikho, asingene phakathi."

Bangene bayalandelana uyathalaza uMsizi ubabaza ubuhle bomuzi wadadewabo. Amuthelele ujuzi obandayo awubeke phambi kwakhe.

Msizi:"Dade kwenzakalani ngawe, ungathi akunalutho ngoba kukhona okuthile."

Dani:"Bhuti izinto zinzima uNsizwa uthi ufuna kuthatha inkosikazi yesibii, ngikhuluma nawe nje ikhulelwe leyo ntombazane."

Akhale uDani amuthulise ubhuti wakhe masekawehlisile umoya baqhubeke nengxoxo yabo.

Msizi:"Mmmmmm wena uthini ngalokho?"

Dani:"Umshado wami uphelile bhuti angiziboni nje ngiqhubeka anginawo amandla futhi."

Msizi:"Dade into enje uyaqala ukuyenza?"

Dani:"Uyaqala ukuthi ufuna kungilamisa into bekayenza abelandela zonke izikeyithi athanda abantu besifazane. Amanye amantombazane abewaletha khona la endlini, amanye aye nawo emahhotela amanye kubo."

Msizi:"Kwaze kwanzimake wena phakathi kuwe deep down ufuna kwenzakaleni?"

Dani:"Uyazi mina kulomshado ngajabula unyaka owodwa kuphela, makuqala unyaka wesibili konke kwangibhedela bhuti. Yonke into enhle ebizayo enginayo la abengithengela ngoba ngimubambe nentombi azama kungixolisa inhliziyo. Konke lendlu, izimoto, izimpahla, ukungikhipha siye kumaholide. Angijabulanga bhuti neze anginawo namandla nginjalo nje."

Msizi:"Ngane kama ukube kuya ngami kube ngithi qoqa konke okwakho ngikuphelezele uyofaka isehlukaniso ubuyele ekhaya. Ibuhlungu lempilo oyiphilayo kakhulu futhi

umshado kumele nijabule nobabili. Lomshado wakho ngathi selokhu naqala konke kumayelana nomyeni wakho. Mina ngifuna kukubonisa kuthi uzithathele isinqumo esikahle. Akusiwo wonke umshado oyisibusiso esibuya kuNkulunkulu, eminye ilethwa usathane kuze kufihleke isibusiso sangempela empilweni yakho esizoletha ukuthula. Okokuqala nje ngendlela owahamba ngayo ekhaya ubaba angafuni, uyazi abazali bethu bezwa kancono uNkulunkulu makakhuluma ngezingane zabo."

Dani:"Usho ukuthi lomshado wami awubuyi kuNkulunkulu?"

Msizi:"Angazi dade kodwa engikwaziyo ukuthi uNkulunkulu ngeke akunike into ezolokhu ikukhalisa ngalohlobo. Okunye umuntu uthi ahlangene nobambo lwakhe lwangempela bese kuba nezinto ezinzima ezilwisana nabo kuthi bahlukane bazokwazi ukuhlupheka bengajabulanga omunye sekale."

Dani:"Leyonto ngingayibona kanjani bhuti, angifuni ukwenza iphutha uma kungubambo lwami uNsizwa ngifuna kumswabisa usathane ngiwulwele umshado wami  kepha uma kungasilo ubambo lwami ngifuna kumuyeka ngikhathele ukulwa impi engingayiboni iyaphi."

Msizi:"Zibuze lokhu dade uma uwulwela lomshado uze unqobe, masenibuyelene kahle ingabe wena uzojabula na. Makaphuma ngemoto athi uyabuya wena uzosala ukahle la endlini na? Uthe kimi ukhulelisile ingabe leyo ngane ezayo uzokhona kuyamukela ngokuohelele ungayithwesi izono zikababa wayo, ngoba ekugcineni ingane imsulwa. Uma uthi ngiyakuxolela myeni wami yazi ukuthi kumele uxole ngokuphelele kungabi nezinto ezizokukhumbuza lokhu, futhi ingane uyiyeke izobona uyise. Mhlawumbe kuzoba nesimo esizokwenza kuthi lengane ikhuliswe nguwe uzokhona na?"

Athule uDansile abheke umfowabo

Msizi:"Uyabona mina dade ngashada ngezizathu ezingekho kahle ngangizwa umlilo wogcobo kimi ngakhohlwa ukuthi uNkulunkulu unezindlela zakhe zokwenza izinto. Ukube ngaqhubeka ngamusebenzela abezongihlanganisa nenkosikazi engilungele."

Dani:"Ingabe uyahlukanisa ngempela bhuti?"

Msizi:"Ngiyahlukanisa dade ngikhalile nami kaningi ngize ngafika kulesinqumo ngizigedlile ngokomoya. Manje ngiyahlukanisa ngizohlala ekhaya ikusasa laziwa iNkosi."

Amoyizele uDansile ahage ubhuti wakhe

Dani:"Uyazi ngiqala ukucacelwa manje mayelana nohlobo lomshado wami."

Msizi:"Ungasheshi kuthatha isinqumo khuleka, ngiyakubona awusakhuleki ngendlela umama asufundisa ngayo. Khuleka ezinye izinto ziyaziwela akudingi nokuthi uze ukhale ube kanje."

Dani:"Makangena kulomnyango ngenzenjani bhuti kodwa? Kuyimanje akalelanga la endlini ngithukuthele ngizwa ubuhlungu."

Msizi:”Uma uzokhuleka uzokwazi okumele ukwenze.”

Dani:”Ngiyabonga bhuti.”

Msizi:”Tshela mina lomlisa omushayisile kwenzakaleni?”

Dani:”Angazi bhuti bengishayela ngikhala ngabona umuntu sekashayiseka kodwa bathi angimanga la bekumele ngime khona.”

Msizi:”Kulungile sengikubonile dade bengikhathazekile ngawe.”

Dani:”Ngiyabonga kuzongibona kusho lukhulu kimi lokhu.”

Msizi:”Singabantwana bomuntu kumele sikhathazeke, asambe siye esibhedlela uzobona uLwazi.”

Dani:”UMholi uthe ngingalibhadi esibhedlela ngoba umndeni walomuntu engimushayisile bangathukuthela mabangibona.”

Msizi:”Ohhhhhh ngiyezwa.”

Kuvuleke umnyango angene uNsizwa athuke kancane makabona uMsizi abheke inkosikazi yakhe.

Nsizw:”Sibali unjani, hawu mamakhe awusangitsheli kuthi uhlezi nosbali bengizophatha okubandayo sixoxe kancane.”

Msizi:”Khululeka angihlelanga bengizobona ingane kama ngoba ayikho kahle.”

Nsizwa:”Ohhh ohk ngiyabona.”

Asukume uMsizi noDanisile asukume baqonde emnyango.

Nsizwa:”Hawu usuyahamba sbali?”

Msizi:”Usale kahle Nsizwa.”

Baphume bavalelisane bahagane uDani abuyele endlini afice umyeni wakhe amulindile akakahlali phansi.

Nsizwa:”Benikhuluma ngami ngninomfowenu?”

Dani:”Sikhuluma ngawe ukuthi wenzeni?”

Nsizwa:”Ngendaba kaMihla.”

Dani:”Nsizwa anginawo amandla okukhuluma nawe.”

Nsizwa:”Uthi ngithini ngiyafika kwami emzini wami uhlezi nobhuti wakho amehlo abomvu makaqeda uyahamba ngathi ngiyamucasula.”

Dani:"Nsizwa not everything is about you in my life, ngikhalela ubhuti wami usesibhedlela uLwazi, wena noma ungahamba uyofa anginamsebenzi ngawe ucacisile ukuthi uthanda lesifebe sakho kakhulu."

Nsizwa:"Ungabizi umama wengane yami ngesifebe."

Dani:"Uzongenzani?"

Amushaye ngempama angakholwa uDanisile azibambe la ashawe khona.

Nsizwa:"Ngiyaphinda ungabizi umama wengane yami ngesifebe."

Makabona indlela amubuka ngayo umyeni wakhe abone ukuthi uzomuphinda ngempela, angasamuphenduli. Athuke kakhulu amufulathele ayongena egunjini lezivakashi, naye uNsizwa asale ezimangalele uluthathaphi ulaka olungaka. Amulandele akokode emnyango angavuli uDani uyakhala ngaphakathi kwegumbi.

Nsizwa:"Ngiyaxolisa sthandwa sami ngicela uvule umnyango."

Aguqe phansi uDansile kwehla izinyembezi uthukile futhi ngempilo yalomlisa amushayisile, impilo yakhe ngathi iyalimala kulezinsuku. Uyamuzwa umyeni wakhe ememeza kepha akamulalelanga.

Dani:"Baba wami angisuye umuntu onomdlandla wokukhuleka kepha ngiyazi ngaphakathi kimi ukuthi wena ukhona. Ngicela ungiphe amandla okulwisana nalesimo Nkosi yami. Angazi okumele ngikwenze ngididekile ngilimele. Ingabe lomshado ubuya kuwe na? Uma ubuya kuwe kungani uvumele zonke lezinto ezenzekayo kimi. Anginawo amandla futhi okuma ngilwe ukuthi lentombazane ingangeni phakathi komshado wami kodwa manje ohhhhhhhh Nkosi yamakhosi angazi nokuthi ngibeke usizi lwami kanajni kuwe. Uyayazi inhliziyo yami uyangazi ukuthi ngidingani kwazi wena kancono Baba."

UNsizwa asuke emnyango yize awuzwile umkhuleko womkakhe usasenogqozi lokubuyela kuMihla. Uyayithanda inkosikazi yakhe kepha uyamuthanda uMihla uyinjabulo yakhe. Uyazi uDani uzokhala abuye akhohlwe ngeke nje ayeke uMihla ikakhulukazi kulesimo akuso sokushiwa usesi wakhe. Ubona ngathi kuncono uLwazi usaphila, usesi kaMihla akasaphili nhlobo.

Athathe akufunayo aphume uDani makezwa umnyango ukhala alunguze ngefastela amubone umyeni wakhe ayongena emotweni makaphuma ngesango emehlweni akhe kuphuma izinyembezi. Umyeni wakhe uba yisivakashi emzini wakhe kancane kancane, akhale uDanisile kubuye nokuthi ushayise umuntu. Aphume egunjini ayogqoka ibhlukwe nejezi elinesigqoko afake namateki aphume naye. Ashayele kahle ngokukhulu ukuqophelela aze afike esibhedlela. Eme kancane kuze kuphele isikhathi sezivakashi ababone abazali bakhe kanye nentombi kaLwazi bayongena emotweni bahamba.

Masekushaya ihora leshumi ebusuku ehlike emotweni ayongena bonogada bangamunaki ngoba kukhona abaqala ukusebenza ngalesikhathi futhi akukho muntu ongaba nesibindi sokuzongena esibhedlela. Ahambe aqonde kumabhalane akhumbule

ukuthi siphelile isikhathi sezivakashi angabe asaya. Azifunele yena amawodi wamadoda lawa alimele. Angene afunde amagama akhumbule futhi akalazi negama lakhe aphose ithawula azitshele kuthi uyahamba. Makaphenduka azithele kunesi oyedwa amubuke ngokumexwaya aphinde akhamise.

Nesi:”Dansile nguwe lomuntu? Ubekwa yini lana kodwa ngalesikhathi.”

Dani:”Thando unjani?”

Nesi:”Ngiyaphila, wenzani la ebusuku nje.”

Dani:”Hhey yazi ingane yami itshontshe imoto yabaleka nayo ishayise umuntu manje ngifuna kumubona lomuntu umndeni wakhe awusivumeli.”

Thando:”Hawu bandla kwaze kwakubi, uyedwa umuntu oshayisiwe unezinsuku ezintathu uDumsane Ntuli. Manje iphi ingane yakho?”

Dani:”Bayivalele Thando ngifuna engingasiza ngako mhlawumbe ngizokwazi nokulala ebusuku.”

Thando:”Izingane ziyakwenza lokho akusilo iphutha lakho, futhi kuncono ngoba uyalulama akafani naseqaleni, woza basalele nje bangezu kukubona.”

Amulandele afike amushiye khona ulele ufake usimende emlenzeni nasesandleni, kwehle izinyembezi kuDani ahlale phansi. Abhekise ikhanda phansi avale amehlo azame kukhuleka kodwa akakhoni uyakhala. Agcine sekazidela akhala angasafihli lilodwa nje eliphuma emlonyeni wakhe.

Dani:”Ngiyaxolisa.”

Akhale lapho aze abanjwe isithongwane athuke makezwa umsindo aphakamise ikhanda. Athuke acishe ukufa umlisa ubhekile amehlo abo mawahlanga amoyizele kodwa usezinhlungwini.

Dani:”Uvukile?”

Dumi:”Ngivukile ngicela ungisondezele amanzi.”

Asukume aealande amuphuzise wona masekadelile awabeke eceleni.

Dumi:”Ngavakashelwa umuntu omuhle ngalesikhathi ingabe sengifile?”

Dani:”Cha uyaphila.”

Amubambe unyawo la okungenasimende khona makaqinisa isandla⁰

***ISIQEPHU 13***

***EMVA KWEZINSUKU EZIYISIKHOMBISA***

UmamGugu sekaphumile esibhedlela naye wathi makatshelwa ngokushona kukaAmanda wathuka azange abe kahle besekusiza ubabMongezi ngokumncenga kuthi adle abuye amugeze. UNathi Sinalo kanye noCebile bayabona okwenzekayo phakathi kwabo kodwa abakhulumi ngakho. Yebo isimo esithusayo kodwa umawabo bayamubona usezandleni ezikahle kanti nobabMongezi wenza izinto ngenye indlela manje. Akasabuthinti utshwala uhlala asemqondweni wakhe uletha nesithunzi kulomndeni.

ULwazi yena uyalulama yize angakaphaphami kodwa sekayanyakaza isandla mawusithinta uyabamba naye ikakhulukazi makabanjwa uCebile uyamubamba naye. Abazali bakhe sebamuthatha njengomakoti wabo ngoba akukho abakwenza kuLwazi yena bangamazisanga. Ishishini likaLwazi libukwa uMsizi naye ubuya azobuza kuCebile la adideka khona.

USbongile yena uya zinsuku zonke kwaNkosi kuyosiza noSinalo kumupha isibindi kumubona njalo. Nomawakhe uzile azobakhalisa wasiza lapho nalapho nje, kepha uSbongile sekuthunywa yena endlini nje. Uyaxhumana nobaba wakhe kepha ufihlela umama wakhe ngoba uyazi usathukuthele. Umalume wakhe naye uyalulama manje esibhedlela.

UDansile usaya nsuku zonke esibhedlela ufike akhale bese uyahamba futhi usasaba ukuya ngesikhathi sezivakashi yize afuna ukuxolisa kumndeni wakhe. Ikakhulukazi manje ngoba ngeke asagwetshwa phela akazi ubhuti wakhe wenzeni.

KwaMzobe kunzima ubaba khona uyazama kuziqinisa ngoba inkosikazi yakhe ayinawo amandla ngempela. Sekaze wamuyisa nakudokotela ngenxa yokuquleka kwakhe makakhala.

UMihla usachitha isikhathi sakhe ehhotela benoNsizwa bajabulise nemizwa yabo. Ngezinye izinsuku uyeza uPhinda azenze uNsizwa kube nguyena ozithokozisayo ngomzimba kaMihla. Uma uNsizwa sekunguye olala noMihla uzwa injabulo nobumnandi obungachazeki akafisi nokusuka duze naye. Wagcina kwakhe mzukwana eshiya enkosikazi yakhe ikhala izivalele egunjini lezivakashi. Uma amucabanga nje ubuye asitheke uthando ngenxa kaMihla.

***KWANKOSI***

Ekuseni bavuke bonke bezidonsa umzimba ukhathele amehlo ayasinda ngenxa yokukhipha izinyembezi. UNathi uyobeka isthandwa sakhe endlini yokugcina losuku abengafuni lufike kepha nalu selukhona. Isekuseni kunomoyana ohlabayo bayizwe inqola ifika bashawe uvalo bonke.

Deliwe:"Sekafikile asambeni sisi buya."

MamGugu:"Anginawo amandla Deliwe yazi kodwa unani uAmanda na asenza kanje?"

Akhale umamGugu asondele kuye uCebile babambane lapho, kuvuleke umnyango umamGugu unele kubona ukuthi kungena ubabMongezi wasuka kuCebile wayozihlohla kuye. Amuthulise uCebile abukane noSinalo no anti wabo ababheke ngoba uyamangala. Pho ke indaba kabani akusiyo eyabo bazithulele uSinalo ayogaxa usesi wakhe.

Sinalo:"Vele vele laba ababili sebangenene?"

Deliwe:"Sinalo."

Sinalo:"Yebo anti."

Deliwe:"Awume."

Sinalo:"Ngenzeni antiza?"

Cebile:"Ukuzwile."

Sinalo:"Bengihleba naye abengilalele uthanda izindaba."

Amoyizele uCebi amushaye kancane lesandla esimubambile, masekadelile umamGugu bayekane.

Sinalo:"Kungcono kukhona thina mndeni kuphela."

Cebile:"Sinalo hlukana nomama."

BabMongezi:"Umakoti ubhubhe ngesikhali  mina bengithi akangene noma angeke abekwe phansi kepha abazali bakhe bayanqaba bathi sizomuvula esontweni."

Deliwe:"Manje umile lapha egcekeni?"

BabMongezi:"Bayamukhulumisa ngoba walimalela khona endlini akufani nomuntu ophume ehamba ngezinyawo ezimbili walimala emgwaqeni."

Deliwe:"Hawu bhuti bekumele angene."

BabMongezi:"Cha sisi angifuni kube nempikiswano akukho esizokuthola kulokho , angifuni abazali bakhe bakhale ngenxa yethu."

Deliwe:”Lomuntu besekaganile bhuti.”

BabMongezi:”DELIWE.”

Athule  uSinalo ahlebele uCebi

Sinalo:”Nawe ngizokugwajisa kanje masesigugile.”

Amoyizele uCebile abheke ubhuti wakhe baphume baholwa ubabMongezi bashiye abasebenzayo. USbongile ungaphandle naye balinde kuphunywa umamGugu makabona ubuhlungu bukaNathi umile phambi kwebhokisi lenkosikazi yakhe ulibhekile. Nalesudi ayigqokile iyalenga ayisamulingani ihembe liphumele ngaphandle. Ayidabukele indodana yakhe. Akhulume uMzobe aze aqede bese ubheka ubabMongezi avume ngekhanda kuthi sebaqedile bamuthathe bamufake  enqoleni. Bonke bagibele la abagibela khona balandele inqola ethwele uAmanda. KuNathi kuyababa akababonanga nabangani bakhe kepha bona bamubonile.

Bayazwisisa ukuthi kubhlungu yingakho bamuyekile bangasho lutho, bafike esontweni kube inkonzo  yakhe. Kuthi makusakhuluma umngani wakhe kusondele ilunga lenkonzo liye  kubabMongezi.

“Baba nakhu sivelelwa inkinga umfundisi omkhulu uyoncwaba kwenye indawo kanti lo othunyelwe sekavinjwe amaphoyisa amubopha ngendaba yamaphepha emoto.”

BabMongezi:”Manje mina ngenzeni inkinga yami na leto?”

“Ngiyaxolisa baba.”

BabMongezi:”Hhayi suka la phambi kwami lenkonzo ingaka akukho noyedwa ongema phambi kwabantu abaphe izwi aduduze umndeni.”

Iphimbo selithanda ukuphakama kubabMongezi

Nathi:”Akunankinga baba ngizozikhulumela mina ngivalelise inkosikazi yami ngeke kube nezwi.”

BabMongezi:”Cha kumele avaleliswe ngezwi.”

Asukume ubabMongezi amulandele lomsebenzi wesonto, uMsizi ubazwile abalandele mabafika ngaphandle usaxakekile ubabMongezi.

Msizi:”Baba angiqondanga ukukweyisa kepha uma ungivumela ngizokuphathela umsebenzi wendodakazi yakho, ngiwumfundisi mina kodwa angaziwa la.”

Amubheke ubabMongezi

BabMongezi:”Awusuye ubhuti wesoka likaCebile?”

Msizi:”Nginguye impela.”

BabMongezi:"Kulungile ungasihhemeli lapha phambili umakoti wakami abelihamba isonto."

Amoyizele uMsizi kanye nesithunywa senkonzo, angene abashiye lapho, umamYoli umubonile uMsizi wathinteka enhliziweni yakhe mabaphuma. Amubheke uSbongile amoyizele yedwa.

MamYoli:"Uhlekani wena?"

Sbo:"Ngiyacabanga ma."

Nokuthula:"Cha mina makuphela la ngizomuqonda lomuntu uzongixolela sisi haaaaa insizwa ekhulile leya futhi wena naye nizoba kahle."

MamYoli:"Nokuthula awume sisesontweni wena ukhuluma ngamadoda."

Sbo:"SisNokthula."

Nokuthula:"Mmmm."

Sbo:"Yazi ukuba nestep father esinje ngalobhuti ngeke ngibe nenkinga nami ngingamamukela."

MamYoli:"Sbongile uzoswaba."

Nokuthula:"Cha sisi ikhona into ahamba nayo lomuntu kuyamangaza ngoba ibonwa yimina noSbongile kuphela."

Sbo:"Unalento maaan yazi lento."

Nokuthula:"That thing."

Aze alinganise ngesandla kuculwe abezwanga nokuthi umngani kaAmanda uthini ngaye. Mabacula ingoma ehlala iculwa ugogo waNhloso adabuke uSbongile makacabanga ukuthi kumele atshele ugogo lento. Akazi nokuthi kanjani kepha usenethemba lokuthi uzoqhamuka uNhloso. Kusondele umphathi wohlelo bacule bese bayathula.

Mphathi:"Sezikhulumile zonke izihlobo nabangani ngalodadewethu olele la, sizofunda umlando wakhe nezimbali bese umfundisi usipha izwi. Namuhla sithanda ukuphambanisa kancane uhlelo senzela umfundisi ngoba abengahlelanga ngicela uMihla Mzobe azofunda izimbali zikasisi wakhe."

Bathalaze bonke abantu akekho uMihla akafaniswa umaMzobe aze athumele uCebile, asukume. Azifunde afunde nomlando bese uyohlala phansi umaMzobe akasakhaliswa ukuzwa ngohambo lwendodakazi yakhe, ukhaliswa uMihla ukuthi uphi kanti. Isonto lonke abefika njengesivakashi aphinde anyamalale futhi. Akukho akwenzele usesi wakhe bekunguCebile nje nomndeni wakhe.

Angene uMsizi kusaculwa abazali bakhe babhekane makaya phambili athathe umbhobho. Umama Sbongile yena amangale ngokundlulele phela uzwe kahle kuthi kubizwe umfundisi lomuntu ogxumisa inhliziyo yakhe ngathi eyengane ufunani la manje. Angenelele eculweni naye iphimbo lakhe lizwakale kuthi lomuntu uhluzekile kwezomoya. UNokuthula naye babukane benoSbongile, umndeni wakhe uyazi ukuthi ungumfundisi kepha bebangazi ukuthi uzophatha umngcwabo. Bacule baze baqede bahlale phansi abantu uyabonakala nangendlela alinde ngayo ukuthi akanalo uvalo lento isegazini lakhe.

Msizi:"Ngibingelela umndeni nabangani, namuhla sihlangene ngento enzima, engajwayeleki futhi ebuhlungu. Akukhoke esingavimba ngako kuthi kungenzeki ngoba kudaliwe indlela yethu sonke izondlula la. Kunamavesi amaningi eBayibhelini akhuluma ngokududuza. Amavesi angasisiza kuthi sikhone ukuqina nokuqhubekela phambili nokujwayela isimo sokuthi ngeke siphinde simubone ngamehlo enyama osishiyile. Omakhelwane, abangani nezihlobo bakhulumile ngamanye walamavesi umndeni uzwile.

Mina ngime la ngaphambili ngiyaxolisa mndeni angizanga ukuzoniduduza kepha ukuzonikhumbuza ukuthi lemini iyeza nakini. Wonke umuntu ola ngaphakathi indlela yethu sonke le. Lokho siyakwazi sonke nakhu okubalulekile wena losuku luyokufica uhamba kanjani. Usesi lo olele la sekaliqedile ibanga lakhe ngiyaxolisa ukusho ukuthi akukho inani lezinyembezi elizomubuyisa kuthi aphefumule futhi. Ulele usishiyile sekalinde usuku lokukhala kwecilongo.

Mndeni wami kunencwadi kaMathewu 7 ivesi u21 lifundeka kanje"

'Asibo bonke abathi 'Nkosi Nkosi' abayongena embusweni wezulu kuphela owenza intando kaBaba osemazulwini.'

22:Abanye bayokhala bathi  Nkosi sibakhulekele abantu baphila abanye sabakhipha amadimoni ngelakho igama manje usifulathela kanjani. Yena uzophendula athi angizange nginazi sukani la phambi kwami benzi bobubi.'

Avale iBhayibeli uMsizi ahambise amehlo ngakumndeni bonke bathulile balalele. Angene uMihla inkonzo kasisi wakhe seyiyophela yena khani afika. Kucabanga umaMzobe ezwe ubuhlungu  ngoba izingane zakhe zombili lezi. Uhamba nalo isoka lakhe elishadile limubambile amahloni awekho nhlobo.

UKhoza nomkakhe bathuke nabo babukane bamangale. Ngesikhathi esisodwa babuke indodakazi yabo ehlezi nenkosikazi kamfowabo omdala uBongiwe. Naye ababuke uDansile avele acabange umndeni wakhe angakawutsheli ngesicelo somyeni wakhe. Acabange ukuthi akakamuniki nethuba lokuthi ajwayele lento yakhe kepha yena sekahamba akhululekile naye. Asukume uDansile aphumele ngaphandle ayongena emotweni amulandele uBongiwe naye agibele.

UMsizi abalinde baqede ukuhhumuzela masekamuhlalise phansi uNsizwa asuke ayohlala emuva akhiphe izibuko zakhe ezimnyama. Bagqoke bayaconsa izimpahla ezimeshayo ezimnyama ezibizayo, kanye nezibuko zelanga.

Msizi:"Umhlaba bazalwane umhlaba njengoba lisho iBhayibheli akusibo bonke abayowubona umbuso wezulu ngenxa yokuthanda isono. Kunabantu abazenza bahle phambi kwabantu kodwa uma bebodwa ungamangala inhlobo abayiyona. Abanye baze banekhono lokushumayela nokuphilisa kodwa makushona ilanga benza okuthusayo. Ngizonikhumbuza bazalwane ukuthi guquka usenethuba iNkosi isakunikile ithuba ngoba usaphila. Yenza ukuthi mzukwana kufika lemini kuwe ube usumlungele uBaba ube somazi futhi. Akadingi okuningi kuwe udinga kuthi umuvume njengeNkosi yakho wenze intando yakhe. Guquka mzalwane kuthi makukhala icilongo sekabiza ibandla lakhe nawe ungasali, akuvulele amasango ezulu. Guquka mzalwane kuthi ungahlanganyeli nalaba abayokhala bethi ngangisiza abantu ngegama lakho, mina nganginikela esontweni. Yenza ukuhamba kwadadewethu kuhlale kuyisikhumbuzo kuwe kuthi mhlazane siyobeka usesi Amanda Nkosi mina ngasindiswa, ngabamba isiphambano ngavuma ngomlomo wami.

Maye kuyobanzima ngalolo suku wena ubuhamba imini nobusuku ukhulekela abantu sewundlulwa omahhosha bayokungenela ezulwini kuqala. Usundlulwa ngisho nababulali. Usesi Amanda uhambe kabuhlungu ngesikhali ngithi kulesandla ebesiphethe lesikhali guquka ngoba iyeza intukuthelo kaSomandla uzenze uSomandla wathatha umphefumulo wakhe ngezandla zakho."

Akhale umamGugu amulandele umaMzobe nabangazange behle izinyembezi bakhale uMholi abheke phansi alwisane nezinyembezi naye.

Msizi:"Angikhaleli usis Amanda ngikhalela umbulali wakhe abanye bathi isihogo asikho kulungile mawucabanga lokho. Zibuze into eyodwa lemiphefumulo ekithi ibuyaphi? Ingabi yenziwe ososayensi na,? Bese bona benziwa ubani. Ohhhhhh Msindisi wami angikhaleli usesi ngikhalela wena ohlezi lapho phansi ozibona ukuthi ungcono kwabanye abantu awumazi umuntu uyini ,guquka ungakabhidlizi imishado eminingi, guquka ungaka khiphi imiphefumulo eminingi, guquka ungakakhiphi izinyembezi eziningi.

Ngizwa ngiyasha ngaphansi kwezinyawo zami ziyalunywa mangibuka ukonakala kwabantu baka Nkulunkulu belimazana bodwa. Ukuphi unembeza uma uzoba nesibindi sokuthakatha uzenze uNkulunkulu ezimpilweni zabantu, ukuphi unembeza mawuzobamba ingane encane uyidlwengule. Ohhhhh Bawo izwe lakho liyakudinga."

Athule kancane uMsizi sekashumayele waze waguqa ngamadolo ujulukile sekavale namehlo kwehla izinyembezi. Afake isandla esikhwameni akhiphe iduku lakhe azisule aphakame. Bayakhala abantu abanye bayashalazela badliwa izindaba zabo.

Msizi:"Mfanami ungitshele inqola maseyifikile angifuni sibambezele udadewethu yena sekalihambile elakhe ibanga wena. Ngizobiza abafuna ukwamukela iNkosi namuhla

abangafuni ukujikiswa emasangweni asezulwini ngoba iNkosi ingabazi. Abazimisele ukwenza intando kaBaba. Uyazi umoya oyingcwele uyakhuluma kuyasho kuwe manje kuthi ohhh ngingumbulali, ngiwumdlwenguli, ngiyeba, nginezimfihlo kuningi angizanga kuzojaja la mina ngithunyiwe. Uzoza la ngaphambili. Uyabona ngisho noma ngabe unamagqubu kunabantu ongakhoni kubaxolela. Noma kunomuntu ongakhoni kumuxolela ngoba wakuphatha kabi eminyakeni eminingi eyendlule ukhula nalegqubu manje.

Lalela la mzalwane uzivalela umnyango wasezulwini yebo bakwenzakalisa kodwa iNkosi ayilifuni igqubu ngoba lincolisa umoya wakhe lo akuphe wona. Lomuntu owabulala isihlobo sakho noma owadlwengula ingane yakho makangamukela iNkosi cabanga uzongena ezulwini agijima wena uzosala undlulwe umuntu owakwenzakalisa. Khulula inhliziyo mntaka baba khulula inhliziyo wenzela wena, yena muyeke liyeza elakhe ilanga."

Akhale umamYoliswa kodwa akamemezi makalokhu azisula izinyembezi ucabanga uKhumalo amudlwengula nendlela amuzonda ngakhona. Amubone uMsizi sonke lesikhathi abengamuboni indlela akhala ngayo acabange naye ukuthi amagama akhe amuhlabile ndlela thizeni.

Msizi:"Ngithe ningitshele inqola maseyikhona."

Aphendule umfana oyedwa osemnyango

"Ayikafiki mfundisi."

Msizi:"Nizwile lokho kusho kona ukuthi usenethuba lokumamukela uyazi ezinye izinto ezifana namabhadi ezenzeka kuwe nomndeni wakho okunye kwenziwa izono esihlezi phezu kwazo. Awukwazi ukuvuka njalo ngesonto uyodumisa kanti unegqubu awukhulumisani nomakhelwane wakho uphendulana nomyeni wakho, uyafeba ulala yonke lendawo. Uvuke ngesikhulu isibindi uyodumisa ngalomlomo boqabula indoda eshadile."

Usakhala umamYoli sekuze kukhathazeke nendokazi yakhe naye sekayakhala, basukume abantu ngamunye ngamunye. Amehlo kaMsizi abheke kumamYoli uthe angamubona azama ukusukuma kepha amandla ngathi awekho amusize uSbongile. Ehlike phambili abantu baphenduke babheke la aya khona afike kumamYoli alule isandla sakhe amunike asibambe. Aye naye phambili umbhobho usasesandleni.

Msizi:"Yeki ntokozo ekhona ekhaya

Ngizohamba nomhlobo wami.

Sohlabelela uhaleluya

Sithi uphakeme Nkosi yethu."

Acule uMsizi makathula kusukume umamGugu izingane zakhe zibukane uDeliwe amoyizele. UmamGugu phela unenhliziyo enhle sidalo kodwa izinto zokukhonza

akanandaba nazo. Iqhubeke ingoma uMsizi amumise phambili nabanye abasukumile. Beze abantu kuze kususwe izitulo indawo ayisanelanga phambili..

Msizi:”Nizosho lomkhuleko emva kwami kepha ngicela kunicacisela ukuthi, anizinikeli kulenkonzo futhi anizinikeli kimi ninikela ngezimpilo zenu kuNkulunkulu umnikazi wazo.”

Bavale amehlo abakhulekise uMsizi abantu basakhala abanye bakhala bahlezi phansi, kusukume uMzobe. Afike eme naye phambili uMsizi athobeke yize besekawuqedile umkhuleko abantu babuyela ezihlaweni zabo. Ehlike uMsizi asondele kuMzobe amuxhawule amenzele lomkhuleko amulandele noMzobe.

Msizi:”Njenge nhloko yekhaya akukho dimoni elizodansa emzini wakho baba.”

Mzobe:”Ngiyabonga ndodana.”

Ifike inqola balithathe ibhokisi abantu bazizwa ngendlela ehlukile kunakuqala baye emathuneni. Nakhona afike abanaphaze ngentshumayelo uMsizi kusindiswe abanye uMihla ayiqinise inhliziyo yakhe. UNathi yena uyazitshela ukuthi uyamuzonda vele umbulali wenkosikazi yakhe ngeke amuyeke. Noma angaya esihogweni uma ezobe amutholile umbulali akanandaba uzosha ngokuthula…

***ISIQEPHU 14***

***DANI***

UDansile ungene emotweni ekhala noBongiwe ezama kumuncenga ngapha.

Bongiwe:"Misa imoto ngizokuyisa la ofuna kuya khona."

Dani:"Kungani ungilandele kodwa sisi?"

Bongiwe:"Dani uzokwenza enye ingozi misa imoto."

Asilalele isikoni sakhe ayikhiphe emgwaqeni alale phezu kwesiteringi akhale uDanisile.

Bongiwe:"Uzozilimaza Dani ungenzi kanje."

Dani:"Kubuhlungu Bongiwe, yazi bengibuzwa ubuhlungu mangizwa ukuthi uyaganga kepha lobu bamanje kubuhlungu kakhulu. Ungitshele emhlweni ukuthi ufuna kumushada. Sisi uzoshada umakhwapheni wakhe ngoba akhulelwe mina ngingazange ngibe nalo ithuba lokumupha ingane."

Bongiwe:"Phephisa sesi ungakhali kangaka nawe uzogula."

Azisule kahle izinyembezi ehlike ayogibela kolunye uhlangothi uBongiwe ashayele.

Bongiwe:"Uyaphi?"

Dani:"Esibhedlela."

Bongiwe:"Ukutshelile uMholi ukuthi ungasondeli lapho nakancane nje."

Dani:"Uyangidla unembeza sisi angikhoni kulala ngizoxola mzukwana ngimubona sekazihambela yena."

Bongiwe:"Makakubophisa lapho?"

Dani:"Angazi sisi ngizobona ngalelo langa kuthi kwenzenjani, kodwa manje ngihambise umndeni wakhe ulapha emncwabeni ngeke beze bazombona."

Bongiwe:"Mina ngizazihlalela noLwazike uze uqede."

Dani:"Kulungile."

Athathe umgwaqo oqonde esibhedlela uBongiwe mabafika behlike bahlukane uBongiwe sekaya ewodini likaLwazi uDani aye kule wodi lalomuntu amshayisa. Angene namuhla uhlezi ngezinqe imilenze iyalenga angene. Aphakamise amehlo naye amubheke aze afike kuye.

Dani:"Sawubona  bhuti."

Amubuke ngathi uyathuka naye noma ulahlekelwa ingqondo. Ahlale phansi uDansile usamubukile uDumsane uwakhiphe wonke amehlo kuye, amubingelele futhi.

Dani:”Sawubona bhuti.”

Dumsane:”Sure.”

Makezwa iphimbo lakhe athuke athalaze lonke lewodi uDumsane umubhekile.

Dani:”Uzizwa njani namuhla?”

Dumsane:”Ngisezinhlungwini.”

Dani:”Bayakunika amaphilisi ezinhlungu?”

Dumsane:”Bayanginika.”

Amehlo akhe agcwale izinyembezi ulokhu umubhekile uDumsane zigcine ziphumile nazo azisule.

Dani:”Ngiyaxolisa bhuti.”

Amubheke uDumsane ngathi udidekile

Dumsane:”Kwenzenjani sisi ukhalelani?”

Dani:”Yimina engakushayisa ngiyaxolisa.”

Dumsane:”Kungani ungaboshwanga, ngoba ngiyazi icala livuliwe?”

Dani:”Ahm ngaboshwa ngase ngiyakhishwa.”

Dumsane:”Waphuma ngebheyili?”

Dani:”Cha ubhuti wami wangisiza angazi nami kanjani.”

Dumsane:”Wena ubona konke lokho kukahle?”

Dani:”Akukho kahle bhuti nami angazi kwenzakalani manje ngiyaxolisa ngempela, uma ufuna ngizibuyisele emaphoyiseni ngizoya.”

Dumsane:”Cha ungayi unembeza uzodila ngawe uzoba yisiboshwa sawo.”

Dani:”Ohhhhh Nkosi yami.”

Dumsane:”Kwakumele ulinde ilobothi lalikuvalele kodwa cha wakhetha kuqonda kimi, ngase ngiphakathi komgwaqo wawungangiboni?”

Sekayakhala uDansile manje

Dani:”Azange ngakubona ngangishayela ngikhala.”

Amubuke futhi uDumsane

Dumsane:”Vaya amaphoyisa ayeza ngiwabizile ngoba ngifuna ukwazi kwenzakalanii ngecala.”

Dani:”Uzovuselela icala?”

Dumsane:”We ntombazanyana uyangibona nginjani mhlawumbe ngeke ngiphinde ngihambe noma ngisebenzise i45 yami. Ucabanga ukuthi ngizohlala la ngingafuni kubona lo ongixhwalisile?”

Abheke phansi uDansile

Dumsane:”Ngikwatile ntombazane blind angazi nokuthi ngithini kuwe, bengicabanga ukuthi ngishayiswe isigebengu kanti intombazanyane. Entlek vaya ngoba ngiyanyanya mangikubona vaya la.”

Asukume ngokutatazela manje sekakhala uyakhiphisela.

Dani:”Ngiyaxolisa kakhulu bhuti mhlawumbe mangisejele kuzoba kahle.”

Dumsane:”Vaya joe ayangikhinya lamanzi owakhiphayo emehlweni akho.”

Ahambe elokhu emubhekile angene amaphoyisa angakafiki nasemnyango yilona leli elamubopha limubheke.

Phoyisa“Ufunani la?”

Dani:”Ahm bhuti bengi.”

Iphoyisa libheke uDumsane uthukuthele ngempela libuye libheke uDansile osofasekile, kungene udokotela abingelele aye kuDumsane amuhlole.

Dokotela:”Ngiyathemba nikuqedile ebenizokwenza ngoba iskhathi sokuthi aphumule manje. Dumsane ikhanda lisakushaya?”

Dumsane:”Blind.”

Alungise umjovo awuhlabe kudrip elengayo exhunywe kuye, amulungise kahle kuthi alale.

Phoyisa:”Besingakaqali Dr nguyena osibizile siyafika nje.”

Dokotela:”Manifuna kumubona nize ngezinkathi zedina ngoba ngalesikhathi kumele alale. Lomuntu wophe kakhulu ekhanda kumele aphumule kakhulu, manimuthukuthelisa kanje angagcina sekahanjelwa ikhanda. Ningakuhlonipha lokhu engikucelayo?”

Phoyisa:”Siyaxolisa dokotela thina besingazi sizobuya emini.”

UDansile makezwa ukuthi kungenzeka ahlanye uDumsane umushaye unembeza uphuma nje uhamba kancane. Makacabanga umyeni wakhe kuthi ungene noMihla amubambile phambi kwabantu into angakaze ayenze kuye kumubamba phambi kwabantu. Abone ukuthi makabuyela emuva kuzoba nzima kakhulu uze ucabanga

nokuzibulala manje. Nakhu phela uDumsane usezinhlungwini ngenxa yakhe, asahamba nje ahlangane noBongiwe umulindile. Naye athuke makabona amaphoyisa buqamamana akhuluma nodokotela, abheke uDani.

Bongiwe:”ULwazi uyalulama yazi.”

Dani:”Sisi ngicela ujike lemoto uyoyipaka kwami ungene endlini ungikhiphele izinto zami zokugeza. Ukhiyo wasendlini ilo ohlangene nowemoto.”

Bongiwe:”Ingabe ufuna ukuya ekhaya kancane? Singahamba ngokushesha uMholi uthi sebasekhaya manje kuyadliwa bazoza la kungekudala.”

Abafice lamaphoyisa abandlule angasho lutho kubo.

Dani:”Bhuti.”

Abheke emuva womabili uDansile abanike izandla abheke lo owambopha.

Dani:”Angazi ukuthi kwenzakalani ngaloluya suku ngiboshwa ngase ngiyadedelwa, namuhla ngiyazinikela yimina owashayisa ubhuti lo. Bengisephutheni kwakumele ngime mina ngandlula ilobothi kanti yena sekaphakathi nomgwaqo.”

Abhekane amaphoyisa uBongiwe amangale naye.

Bongiwe:”Hayibo uyahlanya yini bhuti akazazi ukhuluma ngani buya sihambe.”

Dani:”Cha sisi ngazi kahle kamhlophe.”

Phoyisa:”Khipha uzankosi.”

Elinye liwukhiphe uzankosi bamugaxe wona vele abantu babukile bahambe naye asale amangele uBongiwe akhiphe ucingo lwakhe ashayele umyeni wakhe amazise konke. UDansile ugqutshwa amaphoyisa nje uyakhala akakhoni nokusula izinyembezi zakhe ngoba izandla zifasiwe. Bamufake evenini bashosholoze naye ize iyofika emaphoyiseni….

***ISIQEPHU 15***

***KWANKOSI***

Emva komncwabo sebahambile bonke kusele bomama laba abasebenzayo babuyisela izinto la ezihlala khona. UNathi ufike walala ngoba bekashawa ikhanda usesi wakhe wamunika amaphilisi. Manje khani avuka abangani bakhe basahlezi ethendeni bayazixoxela nje kepha bonke bakhathazekile ngoNathi.

MamGugu:”Unjani uLwazi manje?”

Cebi:”Akasafani naseqaleni ma uyalulama nemishini abexhuntwe kuyo sekusele emibili.”

MamGugu:”Kwancono yazi angazi ngithini kuye ubhuti makangitshela ukuthi lenhlamvu beyibheke kuwe yena wazifaka kuyo.”

Cebile:”Nami ngeke ngimukhohlwe mama yazi, labantu ngathi bebafuna kubulala abesifazane nje kuphela.”

MamGugu:”Eyyyy ngane yami kodwa baze bathathe impilo kaAmanda ngalohlobo.”

Cebile:”Ngiyazi ubumuthanda mama.”

Andlule uNathi bamubheke yena angababheki aphumele ngaphandle ahlangane no anti wabo emnyango.

Deliwe:”Sovukile babNkosi ngikuphakele?”

Nathi:”Cha ngiyabonga anti.”

Deliwe:”Kunabafana ethendeni bathi abangani bakho.”

Nathi:”Ohk.”

Amufulathele

MamGugu:”Yazi kungizwisa ubuhlungu ukungakwazi kududuza indodana yami.”

Kusondele ubabMongezi amubheke uCebile emehlweni kanti noSinalo umubhekile la ahlezi khona.

BabMongezi:”Uzoba kahle ungakhathazeki, wena ubusudlile kodwa?”

MamGugu:”Ngidlile, wena udlile?”

BabMongezi:”Ngikahle ngizodla manje mangiqeda la ngaphandle.”

UmamGugu azibambe ekhanda abheke phansi acoshame lapho phambi kwakhe ubabMongezi. UDeliwe abhekane nezingane zamfowabo azibone nazo zinemibuzo eminingi.

BabMongezi:"Awucabangi kuthi kumele uyolala kancane?"

MamGugu:"Ngifuna ukungena emanzini kuqala umzimba uzothokomala."

Asukume ubabMongezi

BabMongezi:"Ngikufakele losawoti wakho emanzini?"

MamGugu:"Ngiyacela kanye negwebu."

Aye egunjini lamamGugu ayomufakela amanzi uSinalo anikine ikhanda uCebi azithulele yena akanayo nje inkinga nakancane. Abuye ubabMongezi sekakhwice nomkhono wehembe.

BabMongezi:"Sengiwafakile."

Bamoyizelelane ubabMongezi makabona ukuthi bonke bathulile endlini abakhulumi aphume. Asale asukuma umamGugu

Cebi:"Mama ngizoya esibhedlela ntambama."

MamGugu:"Uhambe noSinalo."

Sinalo:"Ngikhathele kugada uCebile mina ahhhh uyakwzzi kuzihambela lomuntu."

MamGugu:"Ngizokushaya wena umntwana lo angifuni ahambe yedwa kuzobe sekumnyama futhi."

Cebile:"Ngizohamba nomndeni waLwazi mama, wena nenhloko enkulu angikuncengi."

Sinalo:"Ngizokukhumbuza iviki lingakapheli, mama."

MamGugu:"Umzimba wami ubuhlungu yazi."

Asondele kuye uDeliwe

Deliwe:"Ithi ngikuphelezele sisi."

MamGugu:"Cha ngiyakhona kuhamba ngiyacabanga uzoba kahle masengithole amanzi."

Abalandele uSinalo angene nabo egunjini.

Deliwe:"Uyaphi wena ngoba umawakho uzogeza?"

Sinalo:"Kunento engidlayo engifuna kuyitshela umama."

MamGugu:"Ngiyamthanda nami ndodana futhi ngiyamamukela ngiyamubona uhluzile la ekhanda. Ungakhululeka manje ingasakudli lento."

Babhekane no anti wakhe

Sinalo:”Manje kungani nifihla?”

Aswace umamGugu

MamGugu:”Sifihle ini, wena uzonginganila la hamba uye entombini yakho ngoba uyangishalazelela.”

Sinalo:”Ukhuluma ngani kanti ma? Intombi yami yiphi?”

MamGugu:”Ubungafuni kungitshela ngentombi yakho le beyisiza la ekhaya isonto lonke ugadene nezindaba zami.”

Amoyizele uSinalo azihlikihle esifubeni

Sinalo:”Nalokho bekungidla kodwa bekungakangidli kakhulu ngiyabonga ngokumamukela. Mina ngidliwa nguwena nobabMongezi.”

MamGugu:”Senzeni thina?”

Sinalo:”Vele vele senenze lempambosi yokungenana ninobaba?”

Amoyizele uDeliwe naye uyayifuna impendulo

MamGugu:”Phuma la egunjinii lami ngifuna kukhumula amanzi ami azaze aphole.”

Aqhaqhe uzibhu welokwe aphume uSinalo makafika emnyango

Sinalo:”Usazophuma ebhavini kuyafana ngizokuthola.”

Asale ahleka umamGugu akhumule noDeliwe amubheke.

Deliwe:”Gugu phela uma kukhona okwenzakalayo yazisani abantwana bazokwazi ukwamukela.”

MamGugu:”Sisi ngisayogeza.”

Amufulathele asale amubuka naye aphume avale umnyango.

***<u>NGAPHANDLE</u>***

UNathi ufike abangani bakhe bamuxhawula ahlale phansi naye kulendilinga abayenzile yezitulo.

Bathi:”Ngiyabonga madoda ngokuzongixhasa.”

“Ismoko asikho, manje itransi?”

Nathi:”Anginandaba nayo ngingathenga enye kodwa ngifuna labantu, uphi uMjay

“Ubani manje uMjay?”

Nathi:”Konje nina nimazi ngoJJ.”

“Ukhuluma nobhuti wakhe la ngaphandle.”

Nathi:”UMthokozisi?”

“USambulo.”

Bangene belandelana uhamba nabanye abafanayo ababili angabazi baxhawulane.

Jabu:”Sho ntwana.”

Nathi:”Sho Sambulo angikubonanga.”

Sambulo:”Ngiyafika nje, hadee ntwana ngevrou yakho.”

Nathi:”Dankie boykie.”

Jabu:”Ngihamba noThabiso noBantu abobhuti bevrou yami.”

Abaxhawule nabo

Jabu:”Singaphuma kancane ngoba ngeke sikhulumele la.”

Basukume kungene ubabMongezi ababheke bonke abheke indodana yakhe afunde kwezakhe nje ukuthi kubi.

BabMongezi:”Bafana ninjani?”

Bavume bonke

BabMongezi:”Nkosnathi.”

Nathi:”Baba.”

BabMongezi:”Akukho ozokwenza ungakhulumanga nami kuqala siyezwana.”

Nathi:”Yebo baba.”

BabMongezi:”Manje niyaphi ngoba nihamba nonke nje.”

Nathi:”Ngifuna kushawa umoya kancane anti Deliwe ufuna kungiphuzisa amaphilisi.”

Ababuke bayogibela ezimotweni zihambe izimoto uSinalo asondele egijima.

BabMongezi:”Wena uyaphike?”

Sinalo:”Bobhuti laba abaphumayo? “

BabMongezi:”Yebo unabangani bakhe.”

Azikhuthuze ukhiye wemoto ngokutatazela makagijimela emotweni.

BabMongezi:”Hhey uyaphi?”

Sinalo:”Ngilandela bobhuti.”

BabMongezi:”Bhuyela endlini uyobheka umawakho noCebile awuyi lapho.”

Sinalo:”Baba ngifuna kumeseka ubhuti wami loya.”

BabMongezi:”Angikwazi ukukhathazeka ngani nobabili hamba endlini.”

Sinalo:”Cha baba.”

Babmongezi:”MANJE SINALO.”

Athule angasayi emotweni acasuke ayongena endlini ubabMongezi asale anikina ikhanda. Akhiphe ucingo lwakhe aluchofoze.

“Bhozza.”

BabMongezi:”Mathambo.”

Mathambo:”Unjani bhozza.”

BabMongezi:”Ngiyopha umuzi wami uvuza igazi Mathambo.”

Mathambo:”Tshela uMathambo okufunayo awudingi nokuthi uncolise izandla zakho.”

BabMongezi:”Uspoko akafuni kuncolisa izandla zakhe kodwa kulokhu ngifuna kuzenzela.”

Mathambo:”Kuhambani Spoko?”

BaBongezi:”Inkosikazi  yendodana ibulewe beyingcwatshwa namuhla.”

Mathabo:”Ufuna kubabona ababulali?”

BabMongezi:”Ngifuna kubanona kuqala ngibulale imindeni yabo babhekile bese ngigcina ngabo.”

Mathambo:”Spoko kusasa kuzothi kusa ngibe ngisesangweni lakwakho, welcome back my father.”

Avale ucingo lwakhe ayoma kulezimbali ezinhle ezisegcekeni, abone uSinalo sekaphuma babhekane.

BabMongezi:”Uyaphi?”

Sinalo:”Ngiyabuya.”

BabMongezi:”Uya kuphi?”

Sinalo:”Ayyy ngiyohlola intombi yami ungahamba nami uma ufuna.”

Anikine ikhanda ubabMongezi amuyeke…..

***ISIQEPHU 16***

***KWANTULI***

Emva komncwabo azange umamYoli asabuyela kwaNkosi baqonda ekhaya bonke, wafike walala vithi. Kuntambama manje khani avuka

Nokuthula:"Hawu sisi usuvukile?"

MamYoli:"Yebo sengivukile yazi angikaze ngilale isikhathi esingaka."

Nokuthula:"Ushilo uSbongile, kodwa ububukeka ulele ngokuthula."

MamYoli:"Uphi uSbongile?"

Nokuthula:"Umukisele ugogo ukudla."

MamYoli:"Umntanami ngiyafisa kube usenaye ugogo wakhe ngendlela anothando ngayo kubantu abadala."

Nokuthula:"Umukhulise kahle, uyaya kuyobona ubhuti namuhla?"

MamYoli:"Anginawo amandla yazi ngisafuna kulala."

Nokuthula:"Sisi ungixolele hayikhona waze wangithusa ubhuti omuhle ungumfundisi kanti?"

MamYoli:"Eyyyy sisi ngiphelelwe amandla yazi kodwa ungibusisile."

Nokuthula:"Wuuu angikwazi okunje."

Angene uSbongile amoyizele makabona umawakhe sekavukile.

Sbo:"Ukahle ma?"

MamYoli:"Ngikahle ngiphethwe indlala nje."

Kukhale ucingo lwakhe ngale egunjini alulande uSbongile asabe kuliphendula ngoba inombolo angayazi.

MamYoli:"Hellow."

"Ngane kaJehova usunjani manje?"

Avele ezwe ukuthi ubani phela abelalele iphimbo lakhe cishe imini yonke, amoyizele asukume ayongena egunjini avale umnyango. Basale bebukana uNokuthula noSbongile.

MamYoli:"Ngikahle manje ngifike ngalala ngiqeda kuvuka."

Msizi:"Kwaze kwancono bengikhathazekile ngawe."

MamYoli:"Uyithathephi inombolo yami?"

Msizi:"Ngicela sibonane ngizokwazi kukutshela."

MamYoli:"Ahm mfundisi angicabangi kungaba umbono omuhle lowo."

Msizi:"Umbono omubi njani?"

MamYoli:"Abantu bazothini kodwa uma usubonana nami emakhoneni."

Msizi:"Mana ngabantu ngicela ukukubona wena kumele uvume nje."

MamYoli:"Hhayi namuhla kodwa."

Msizi:"Ngicela namuhla yazi selokhu ngakubona esibhedlela kunzinyana bengingafuni kukucasula kodwa emva kwanamuhla ngibonile ukuthi kumele ngisheshe ngikubone."

MamYoli:"Asihlangane edolobhenike emva kwamahora amabili."

Msizi:"Emva kwehora elilodwa ngiyacela."

MamYoli:"Wena ngathi ufuna konke kwenzeke ngendlela oyifunayo nje."

Msizi:"Inamuhla kuphela, vuma phela ngingakakhuleki ngezilimi."

MamYoli:"Kulungile emva kwehora."

Msizi:"Asihlangane ngasePick n Pay ngoba yiyona esekungeneni."

Bavumelane makavula umnyango uNokuthula noSbongile bazama kubaleka anikine ikhanda.

MamYoli:"Nilalele izindaba zami?"

Nokuthula:"Buya ngikususe leduku."

Sbo:"Mina ngizokulululela lelokwe lakho elipink."

MamYoli:"Ngempela nizwile?"

Nokuthula:"Asizwanga konke kodwa lokhu sikuzwile emva kwehora."

MamYoli:"Ngilungiselenike ngisadla kancane, kodwa abantu bazothini kuhlangana nomfundisi."

Nokuthula:"Ubizwe nguyena umfundisi nje awuziyelanga."

MamYoli:"Akekho umfundisi ongenankosikazi."

Sbo:"Mama akekho umuntu onenkosikazi ongenza lento ayenza esbhedlela ukukucela aze aguqe abantu babhekile. Hamba uzozwa ngaye kuthi uthini."

MamYoli:"Wena usuqinile manje."

Sbo:”Kahle mama hawu, kodwa ungibusisile mina umfundisi ngiyacabanga uzongisiza futhi ngalendaba kaNhloso.”

MamYoli:”Sekabuyile yini?”

Sbo:”Cha ma lalela wangithumelela ini.”

Abalalelise babukane bonke

MamYoli:”Uzoba yini ugogo bandla, noma bekamudelela uNhloso kodwa uyamuthanda umzukulu wakhe. Ingabe kwenzakalani ngaye”

Nokuthula:”Mhlawumbe uthengisiwe nje sekadayisiswa umzimba la akhona.”

Sbo:”Ungamuthi fahla ma phela seside lesikhathi ngisaba kukhombisa ugogo lomlayezo.”

MamYoli:”Uqinsile sesi ngizomucela angeluleke.”

Nokuthula:”Ngosuku lokuqala nje mana uzobuye umubuze.”

Azilungise aqede athule futhi bamenze abakufunayo bayogibela emotweni kaNokuthula bahambe.

Nokuthula:”Wena sesiza ngathi uzoba nobaba ongumfundisi uzoliyeka isoka lakho?”

Sbo:”Ngeke.”

Nokuthula:”Uzothandana naye kanjani?”

Sbo:”Hayibo sisi umama wenza isiqiniseko sokuthi ungikhulisa ngendlela eqondile, akukho okuzoshintsha ebengikwenza ngoba vele ngiphila njengaye umzalwane. Ngiyakwazi okumele ngingakwenzi futhi naye kudala ngamutshela. Ngeke ngihlukane naye wuuu ngeke ngikhone.”

MamYoli:”Ngehlise kule entrance Nokuthula ngizaze ngizwe izindaba ezinkulu kunami.”

Bamehlise angene emall ahambe ngezinyawo kuya la abathe bazobonana khona, avele amubone nje makaqhamuka ugqamile kubo bonke abantu, naye amoyizele asondele kancane amunike isandla baxhawulane.

Msizi:”Amadolo ami wavele waxega unjani?”

MamYoli:”Ngiyaphila.”

Msizi:”Usukahle manje?”

MamYoli:”Ngikahle kakhulu.”

Msizi:”Asingene la endaweni yokudla sizoxoxela khona.”

MamYoli:”Akukho la esingaya khona mhlawumbe ngaphandle kwelestulent ngisuthi.”

Beme babhekane emehlweni angashalazeli umamYoli

Msizi:"Ipaki injani?"

MamYoli:"Ikahle."

Msizi:"Asithenge kokulibazisa umlomo."

Bangene estolo bathenge oncamnce kukhetha umamYoliswa bahambe bayongena kwiJeep kaLwazi. Bahambe abaxoxi okutheni la emotweni baze bafike epaki behlike bayofuna indawo enomthunzi.

MamYoli:"Kube ngize nento yokundlala."

Msizi:"Sizohlala kulezitulo noma zibandisana nje."

Amoyizele umamYoli bahlale maduzane uMsizi abheke kumamYoli ngomzimba wonke elinye inyawo libe ngale kwesihlalo elinye ngale. UmamYoli ngeke akhone kuhlala kanjalo ngoba ugqoke ilokwe.

Msizi:"Yoo umuhle ngane yabantu uyazi lobuso ngibubona njalo manje."

MamYoli:"Ngiyabonga."

Msizi:"Ngisamile kulokhu engakutshela kona esibhedlela ngiyakuthanda."

MamYoli:"Inkosikazi yona?"

Agwinye amathe uMsizi

Msizi:"Ngishadile."

Amangale umamYoli abuye abe nokudumala ngoba naye seyikhona kancane inhlansi ngalensizwa.

MamYoli:"Angisuyeke mina lowo muntu ngihambise."

Azame kusukuma amubambe isandla uMsizi

Msizi:"Mina angihlali la ngize ekhaya ngoba siyahlukanisa naye."

MamYoli:"Angiqali kushelwa umuntu oshadile bonke basho nje."

Msizi:"Mina ngiqinisile futhi kube kudala sahlukanisa benginokusaba lokuqala impilo kabusha ngingedwa. Ubaba uze wangenelela nami ngagcina sengime isibindi. Igama lami uMsizi Khoza osebenzela iNkosi ohlukanisayo. Anginalutho empilweni ngoba angifuni ukulwa ngithe akathathe konke. Ngizoqala impilo phansi futhi bengizitshele ukuthi ngizophila ngedwa ngikhohlwe uthando ngoba besengingalwazi. Lokho kushintshe mzukwana ngikubona ngakuthanda. Inombolo yakho ngayithola ngalolo suku kepha azange ngikushayele ngoba ngifuna ukubona kuthi ngempela uthando na lolu olungihlukumeza ngalohlobo. Hayibo uthando lento ngiyakuthanda, lokhu esizokukhuluma namuhla sizokuqedela namuhla. Ngiyakuthanda ngicela ungiphe

ithuba ngikubonise uthando, ngicela uvume futhi kuthi wena uzoba umaKhoza uzongenza indoda emadodeni ngokuthi ungishade igama lami maselikhululekile.”

Ahlahle amehlo umamYoliswa

MamYoli:”Ucela ngikushade siqala ukubonana?”

Msizi:”Uma uthando lukhona kuwe ngicela uvume.”

MamYoli:”Hayibo mfundisi.”

Msizi:”Igama uMsizi ngiphendule.”

MamYoli:”Kumele ngizicabange nje Msizi angikwazi kuvele ngivume umshado.”

Asondele kancane uMsizi amubambe izandla  zombili.

Msizi:”Lalela angikhulumi ngenyama ngikhuluma ngothando lwangempela akukho okuzwayo?”

Amubeke isandla sakhe esifubeni aphinde asondele kakhulu manje idolo lakhe selize lithinte elamamYoliswa elinye lithinte isinqe ngoba uhlezi ugxamalazile uMsizi. Kushintshe kuphefumula kuMsizi asizwe isitho sakhe senza into ebesingasayenzi uma ebona uRose. Amuyeke lesandla umamYoli angasasisusi alokhu asibekile uyafuna kuvuma kodwa amahloni. Uyazibuza lendoda ibuya kuphi.

Msizi:”Ubani igama lakho?”

MamYoli:”Yoliswa Ntuli.”

Msizi:”Ungumxhosa na ngoba lelo gama lithandwa amaxhosa"

MamYoli:”Umawami wayengumxhosa.”

Msizi:”Ngicela uvume.”

MamYoli:”Mina nginengane.”

Amoyizele uMsizi avele acabange ukuthi ingane yakhe ile eyamunika inombolo yocingo.

Msizi:”Ngiyazi mangabe usathandana noyise wakhe ngicela umlahle.”

Ahleke umamYoli aphakamise ubuso amubheke azidele uMsizi azixhumeke ezindebeni zikamamYoli. Aqale athuke naye kodwa aqhubeke baqabulane bagcine sebathintana kakhulu. Amuyeke kancane uMsizi ngesizotha.

Msizi:”Ngiyaxolisa inyama iyathanda kufohla.”

Abheke phansi umamYoli

MamYoli:”Msizi mina ngike ngadlwengulwa ngaba nengane kusukela lokho anginayo injabulo empilweni yami. Ubukeka ungumuntu owaziyo akufunayo mina ngizokubuyisela emuva.”

Msizi:”Ngibambe ngesandla uhambe nami, ngizoba nawe kuze kundlule, uma ubaba wengane engekho empilweni yayo mina ngizongena. Shit Yoliswa ngiyakuthanda.”

MamYoli:”Uyathukana manje..”

Msizi:”Ngiyakuthanda Yoliswa.”

MamYoli:”Ngicela kukulinda ulungise izindaba zakho zesahlukaniso angifuni igama lami livele ndlela thile ngoba kuzoba ngathi imina imbangela yokuwa komshado wakho.”

Msizi:”Uma ungangitshela nje ukuthi uyangithanda nawe, sizokhuluma ocingweni noma singeke sibonane. Uma udinga usizo uzokwazisa mina ngizokukhulula ungilinde.”

Amubambe ezihlathini kuthi amubheke

Msizi:”Ngiyakuthanda Yoliswa.”

MamYoli:”Ngizokulinda uqede ngesahlukaniso sakho, ngizokhuluma nawe uma kunenkinga. Sizokhuluma ocingweni futhi.”

Msizi:”Ukhohlwe ukuthi uyangithanda.”

Amoyizele umamYoli amubambe futhi isilevu amubheke, emva kwesikhathi amuphendule.

MamYoli:”Ngiyakuthanda nami.”

Amuqabule.esiphongo amudonse ikhanda lakhe kuthi aqamele kuye elokhu emuphulula esiphangeni sakhe.

Msizi:”Ngeke usakhala ngiyathembisa ngizozithwala izinyembezi zakho.”

Lokho kumfikisele ngomuncu kepha angazivumeli izinyembezi.

Msizi:”Ubani lo ongakhoni kumuxolela?”

Msizi:”Uyise wengane yami kepha selokhu ngibusisekile ngiyazizwa ukuthi inhliziyo yami iyamudedela.”

Msizi:”Kumele uhlangane naye umazise ukuthi uyamuxolela noma angaxolisanga lokho kuzokhipha konke okubhlungu kuwe. Lenhliziyo yakho idalelwe ukuthanda mina hhayi kubamba amagqubu.”

MamYoli:”Waze wazitshela bo.”

Bahleke

Msizi:”Kumele sihambe manje ngifuna kuyolanda abazali bami sizoya esbhedlela.”

MamYoli:”Uyajabula usenabazali.”

Msizi:”Abazali bami banomusa nawe uzozizwa usekhaya.”

MamYoli:"Ubani osesibhedlela?"

Kukhale ucingo lwaMsizi alubambe akhulume kancane azizwele nomamYoli ukuthi ukhuluma nobaba wakhe. Basukume bayongena emotweni amulayele kwakhe.

Msizi:"Ngeke ungijikele Yoli?"

MamYoli:"Ngeke."

Adumise imoto futhi ayisuse naye ayongena endlini bamulindile afike aziphose kusofa…..

***ISIQEPHU 17***

***KWAMZOBE***

Babuye kwaNkosi behamba bodwa mabangena endlini umaMzobe sekaqala phansi akhale.

Mzobe:"Hawu kodwa mama wezingane zami yini, uzophazamisa umntwana mudedele ahambe azolala ngoxolo."

MaMzobe:"Baba ngikhaliswa ukuthi mina nawe asisenayo ingane sisele sodwa. UMihla akuyona ingane yethu manje baba uyamubona ukuthi uyabuswa."

Mzobe:"Mkami sizoyisiza ingane la esikhona khona, la esingafiki khona iNkosi izomubheka."

MaMzobe:"Uchaza ukuthi ayikucasulanga lento ayenzeli baba ufike inkonzo kasesi wakhe seyizophela. Nendoda yomuntu phakathi kwabantu hewu futhi namanje ngiyazisa ngalomfazi walomfana la akhona. Kwangathi uSomandla angamubheka."

Mzobe:"Uzomubheka nkosikazi akasoze amudela futhi uNkulunkulu uyawuvikela umshado ngikhumbula umfundisi esho mhla esishadisa."

MaMzobe:"Baba uwuvikela uma kungubunzima njengalezinto esasihlangabezana nazo thina, ukungathandwa umawakho ukuthakathwa omakhelwane, ukuhlushwa umphakathi size sishiye izingane zethu wooooo hheeeeee futhi mangicabanga leso simo izinto ezinjalo. Lokhu kunobufebe phakathi."

Mzobe:"Kubi nkosikazi kunzima futhi."

MaMzobe:"Mina uma nginawe duzane nami baba konke kuphelele, uyazi lento uMihla ayenzile ngizizwe ngaphakathi ukuthi ngiyamuyeka. Ngeke ngimulwise manje ngizomubuka nje sekobona uSomandla."

Mzobe:"Ukumulwisa njalo kuzodala kuthi nawe uze ulimale sizomukhulekela nkosikazi."

Abheke umyeni wakhe amumoyizelele

MaMzobe:"Hawu Ngcolwane, Nongoza wami ngifise nokundiza mangikubona uyokwamukela iNkosi."

Mzobe:"Besekufike isikhathi nkosikazi bengizizwa nami kuthi iyangibiza iNkosi ngabona nje ukuthi mangingaqinisa ikhanda akukho okuzolunga."

MaMzobe:"Uyazi baba ngidinga ukulala mangivuka ngicela ushayele uNathi umubize ngifuna kukhuluma naye. Lomfana ngimazi alungile kodwa namuhla abegcwele inzondo

emehlweni ngisho iso lakhe belikhuluma okubi kuphela. Amehlo omkhwenyane ahlala agcwele uthando namandla nje.”

Mzobe:”Bengicabanga ukuthi yimina ngedwa obone lento, kodwa kufanele mkami bamuthathele inkosikazi nengane bebangakazi ngayo kukudala bezama.”

MaMzobe:”Mawucabanga kungani abenonya olunje?”

MaMzobe:”Inzondo edalwe ababulali futhi ngiyasola ufuna kuziphindisela. Yazi kukhona okunye okungithusile ngashesha kukususa emqondweni kodwa manje sekuyabuya ngoba ukhuluma ngonya.”

MaMzobe:”Yini leyo baba?”

MaMzobe:”Umnumzane lapha lomfowabo Nkosi omdala iphimbo lakhe lingikhumbuza elalomuntu owabulala ubhuti.”

MaMzobe:”Konje wawukhona nawe ubhacile?”

Mzobe:”Yebo futhi wangibona lomuntu angithi waqala wabamba mina wangibhekisisa ebusweni wase uyangiyeka waya kumfowethu.”

MaMzobe:”Wayengezanga kuwe kuyacaca ubhuti wakho naye wayenonya ungathola ukuthi wadlwengula isihlobo salomuntu.”

Mzobe:”Uspoko lo owambulala leso sigebengu sasinamandla amangazayo namanje lenyanga ayeyihamba ingabe washona kuphi. Wayebulala ngesihluku futhi wayebulala labantu bokuhlupha abesifazane kakhulu. Amaphoyisa wamufuna wancama azange ake abanjwe.”

MaMzobe:”Uyamukhumbula umfowenu?”

Mzobe:”Ngimukhumbula angakakhohlakali phela lezinto ayezenza emphakathini zazibuhlungu, uyakhumbula nalentombazane eyazikhunga ngoba nakhu ubhuti waphika kuthi wayidlwengula.”

MaMzobe:”Njalo mawukhuluma ngomfowenu awuyikhohlwa lentombazane.”

Mzobe:”Indaba ukuthi ngamubona nkosikazi nami ngangimusaba umfowethu namehlo akhe ngeke ngiwakhohlwe iphimbo lakhe cha uspoko wenza kahle baphumula abantu emva kwalokho kepha lutho ukutholakala uSpoko.”

MaMzobe:”Eyyy baba ngicela ungifakele amanzi ngizogeza.”

Mzobe:”Asambe nngizokusiza”

Baye egunjini labo labo amuthelele amanzi ageze umaMzobe makaqeda ahambe ayomenzela itiye namakhekhe ababuye nawo kwaNkosi amunike.

MaMzobe:”Hawu kodwa myeni wami.”

Mzobe:”Ngiyazi usuncena ukungicela kanti womile.”

MaMzobe:”Ngempela ngilomele baba sengivilashiswa ukuthi ngikhathele ngiyabonga baba.”

Amuqabule umyeni wakhe ahlale phezu kombhede aphuze itiye lakhe, uMzobe ahambe ayogeza naye. Makaqeda bangene ezingubeni phakathi balale vithi…..

***MIHLA***

Usehhotela ulele uqamele esifubeni sikaNsizwa balokhu bephululana.

Mihla:”Ngiyabonga ngokuba nami.”

Nsizwa:”Noma nini sthandwa sami.”

Mihla:”Angazi mangibuyela ekhaya kusasa bazothini angisathandi nje kuhlala ekhaya.”

Nsizwa:”Ngeke sihlale ehhotela impilo yethu yonke namuhla ngeke silale la angikhokhanga, kumele siphume nje ngo5.”

Adumale uMihla

Mihla:”Hawu bengicabanga ukuthi namuhla kokugcina.”

Nsizwa:”Ngingakukhokhela kodwa mina kumele ngiye kwami.”

Mihla:”Hawu Nsizwa.”

Nsizwa:”Cha Mihla isonto lonke nginawe angithi uyazi nginenkosikazi.”

Mihla:”Kodwa mina ngishonelwe usesi nje.”

Avuke uNsizwa

Nsizwa:”Lento izosixabanisake uyazi nginenkosikazi ngayishiya ikhala mangiza la kumele ngiye kwami.”

Ukhuluma uyagqoka uMihla abone naye ukuthi ufuna ukuhamba ngempela amudedele, angayisebenzisi nendandatho ngoba uyabona uyafuna kuyobona inkosikazi yakhe.

Mihla:”Manje ngizokubona nini?”

Nsizwa:”Asenze kanje benginawe isonto lonke manje ngiya kuye isonto lonke wena uzongishayela uma kukhona into oyidingayo. Ngiyacabanga kanjalo kukahle kini nobabili.”

Mihla:”Kufair yize ngizokukhumbula.”

Nsizwa:”Uyalala noma ufuna ukuya ekhaya?”

Mihla:”Akusizi ukulala ngedwa kuncono ngiye ekhaya.”

Baqoqe izimpahla zabo bahambe afike amushiye kubo angene kuthulekile nje kumcacele ukuthi balele abazali bakhe. Usuke agezile ehhotela naye aye egunjini lakhe. Makangena kukhale ucingo

Mihla:”Hellow.”

“Kumele sikhulume phuma ngingaphandle.”

Mihla:”Kulungile.”

Uyalazi lephimbo akudinganga nokuthi abuze, aphume nayi imoto emnyama enkulu ime ngaphandle kwegceke onogada ababili beme ngaphandle kwemoto nezibhamu bagqoke okumnyama nabo. Bamuvulele umnyango angene athuke acishe ukuwa uPhinda ugqoke izibuko ezimnyama bhuqe naye.

Mihla:”Sawubona.”

Phinda:”Uyakhumbula awukhokhanga ngakutshela ukuthi sizofika isikhathi sokukhokha.”

Mihla:”Ngiyakhumbula.”

Phinda:”Well uPhinda ubhonyelwe uyazibonela nawe ngisize.”

Ehlise amehlo uqumbile ngaphambili athuke amubheke

Mihla:”Ngicela kukukhokhela ngemali angikwazi kulala nawe ngibe ngikhulelwe.”

Phinda:”Uma ulala nami mina ngizokufakela umsoco lapho ekukwini lakho ezokwenza uNsizwa ahlanye mhlazane nilala. Uyawuthatha lomsoco noma?”

Mihla:”Manje mangingalali nawe akukho bumnandi uNsizwa azobuzwa?”

Phinda:”Ngivulele amathanga kuqala uzozwa nawe.”

Amubambe isandla asibeke esithweni sakhe.athuke uMihla masiphefumula.

Phinda:”Uzofuthumala nawe uzwe ubumnandi ongabazi noNsizwa uzobuzwa ngeke aphinde alale nenkosikazi yakhe.”

Amupotozise isitho sakhe siye ngokuqina kakhulu asikhiphe uPhinda athuke aze agxume uMihla makasibona. Cha noNsizwa akangaka isitho esikhulu kangaka

Phinda:”Ungathuswa ubukhulu faka emlonyeni uswidi wakho ungimunce.”

Mihla:”Sizosebenzisa icondom?”

Phinda:”Nakanjani.”

Amubambe esiphundu amusondeze esithweni sakhe kuthi asimunce, ashaye isihlalo sikamshayeli kuthi akashayele.

Phinda:"Nazoke shayela baba ngifuna ukudla ngihamba."

Ayisuse umshayeli webantu nemoto yabonogada ibalandele ngemuva amumunce uMihla naye uyamuphulula agcine sekafikelwa imizwa kwayena. Amumunce imoto ilokhu ihamba agcine sekamufenda umlomo manje kufika nasemphinjeni amuyekelise amukhumule.

Phinda:"Hlala phezu kwami nondindwa."

Ahlale amugxamalazele azibambe isitho sakhe

Mihla:"Icondom."

Phinda:"Nayi zifakele."

Amukhiphele yona ayivule amunike ayifake isitho sikaPhinda sikhulu ayincenge ize ingene icondom. Amudlalise amabele ngendlela angayiqondi kahle azizwe anwayeka kamunandi. Amusukumise kancane kuthi akhone kumungena makahlala phansi amemeze uMihla izinhlungu uPhila aqunyiswe ubumnandi. Umshayeli uzwa konke namehlo kunzima nokungabheki esibukweni. Umhlane kaMihla uyawubona naye uze uba nemizwa.

UPhinda uthanda lokho nje kuthi ahalelwe amufende ehlezi phansi uPhinda makamuqabula endlebeni imizwa imugijimise ngegazi naye sekezwa ubumnandi angabazi. Uyaquma lokhu okubonisayo kuthi uyayamukela lemizwa. Izandla zikaPhinda zisezinqeni umuyisa phezulu naphansi. Lamathanga amakhulu amufake phakathi uPhinda.

Phinda:"Ohhhhh jaaaaa."

Mihla:"Ohhhhhh Nsizwa."

Akanamsebenzi uPhinda noma angamubiza ngoNsizwa yena uzozisiza nje la. Masekezwa ukuthi uzochama abhampe kakhulu uMihla phezu kwaPhinda lokho kumenze ezwe ubumnandi kakhulu. Avule ifastela akhiphele isandla esisodwa ngaphandle uyafenda uMihla. Asuke enze ngokuphangisa uPhinda ngapha uyaquma

Phinda:"Yerrrrr nondidwa."

Umubambe ngesandla esisodwa esinqeni esinye singaphandle achame naye. Iyahamba imoto njalo ababoni nokuthi ihamba kuphi. Masekaqedile asuke uMihla aphuthaze izimpahla zakhe.

Phinda:"Khipha lento kimi."

Amangale uMihla kodwa anganqabi amukhiphe icondom ayiphuthele ngethishu

Phinda:"Ungalali nesoka lakho kumele ngizithole nawe futhi muyeke ngoba aye kumkakhe. Ngiyakuthembisa makabuya manilala uzongibonga."

Mihla:”Kulungile.”

Sekaqedile ukugqoka bamushiye kubo ihambe imoto kaPhinda, anikine ikhanda uMihla isitho sakhe sisabalisa simanzi nte sithi fu fu fu. Ayongena endlini naye aqale ngokugeza angene engubeni alale….

***ISIQEOHU 18***

***NSIZWA***

UNsizwa makafika kwakhe angene

Nsizwa:”Mamakhe.”

Angaphenduli akhuphuke aye egunjini labo akekho aye kwelezivakashi akekho Amubheke yonke indawo lutho athathe ucingo lwakhe amushayele lungangeni.

Nsizwa:”Eish nawe Dani kanti ukhula nini ulokhu wahlalela ukubaleka makwenzeka into ongayithandi.”

Athuke makezwa ukhiye ukhala ngaphandle ngathi kukhona ozama kuvula abone ukuthi umkakhe makuvuleka umnyango. Adideke makungena uBongiwe babukane.

Nsizwa:”Iphi inkosikazi yami?”

Bongiwe:”Iboshiwe isesitokisini, ngicela ungikhombe la engizothola khona izinto zakhe zokugeza.”

Athuke uNsizwa nekhanda ngathi lisangene

Nsizwa:”Uboshwe wenzeni?”

Bongiwe:”Eyyyy suka phambi kwami.”

Vele uyathusa uBongiwe nasi nesibhamu emhlane aye egunjini labo ayoguduza azithole izinto zokugeza aphume uNsizwa usamangele la amushiye khona lapho. Uhamba ngemoto kaDani azivulele nesango asale atatazela noNsizwa agibele emotweni yakhe aqonde la uBongiwe asithele ngakhona. Makafika esiteshini samaphoyisa nayi imoto yenkosikazi yakhe sekehlile uBongiwe. Angene afike uBongiwe athethisana nephoyisa.

Bongiwe:”Ngifuna ukumbona lomuntu akakagwetshwa kuthi abe nesikhathi sokubonwa umndeni wakhe.”

Phoyisa:”Ukhuluma ukuhhema wena.”

Bongiwe:”Siyawazi amalungelo ethu biza uDansile.”

Phoyisa:”Nguyena ongafuni kunibona ufuna ngenzenjani mina.”

Bongiwe:”Mutshele ubaba wakhe uyamufuna.”

Phoyisa:”Wena mfazi ndin.”

Lisuke iphoyisa liyosithela ngale liphinde libuye libabize bayosithela nalo. UNsizwa uthukile makabheka lamaphaseji babangenise egunjini elithulekile nje kunetafula elilodwa akunazitulo. Emva kwesikhashana bangene noDansile mmakabona umyeni wakhe zehle kakhulu izinyembezi asondele uNsizwa azame kumubamba limukhuze iphoyisa.

Phoyisa;"Hhayi mathintana la nginipha imizuzu elishumi."

Liphume libavalele phakathi

Nsizwa:"Kwenzenjani mamakhe?"

Bongiwe:"Ngize nezinto zokugeza bazokunika."

Dani:"Ngiyabonga, ngicela ungishiye noNsizwa."

Bongiwe:"Kulungile ngizobuya kusasa."

Dani:"Imoto yami  isekuwe?"

Bongiwe:"Eya nayi ngize ngayo nala."

Dani:"Kulungile ngiyabonga sisi."

Aphume basale babhekene uNsizwa abone izinhlungu nje emehlweni womkakhe, loya muntu ohlala amuqala ajabulile akekho. Amehlo akhe awanikezeli kuthi unjani ngaphakathi kuye.

Nsizwa:"Danisile."

Dani:"Ngishayise umuntu ngoba bengingabhekanga la engiya khona, bengihamba ngikhala Nsizwa la endleleni. Uyilimazile impilo yami wangiphuca injabulo ebenginayo nomndeni wami. Wangithembisa izulu nomhlaba wangithembisa injabulo kodwa nganele kuvuma kushada nawe konke kwangiphendukela. Ngifuna uhambe la ukhohlwe nayimi njengoba ungangazi ukuthi ngiyini. Hamba uyoqhubeka nomama wengane yakho kwanele ngalobuhlungu. Ungaphinde ubuye la ngoba angifuni kukubona ngisho nabazali bakho. Empilweni yami ungubuhlungu, uyisifo Nsizwa. Khululeka uyoshada."

Nsizwa:"Bengingaqondile ukukuzwisa ubuhlungu ngalohlobo mamakhe. Awukwazi kungilahla uyazi ngiyakuthanda kwenzekile ngaganga kwase kuba nengane."

Dani:"Uthando lwakho lungiphendule  umbulali hamba Nsizwa."

Asukume uDansile akokode emnyango limuvulele iphoyisa bamubuyisele esitokisini. Asale alala phezu kwetafula uNsizwa azame kuhlanganisa yonke lento eyenzeka empilweni yakhe ingahlangani. Uyazazi uyamuthanda umkakhe pho konakelephi. Ubuso bomkakhe bufile abubonisi mpilo. Asukume naye sekaxoshwa iphoyisa  aphume uyasindwa nje impela emahlombe. Agibele emotweni konke akuhlangani ayiqondise

kubo. Makafika bahlezi ngaphandle ngaphansi kwesihlahla samapentshisi afike ahlale nabo.

MaKhumalo:"Uhamba ngathi kukhona okusemahlombe kwenzenjani?"

Nsizwa:"UDansile uboshiwe?"

MaKhumalo:"Hayibo wenzeni ngiyathemba ubulale lesifebe sakho nxxxx."

Khumalo:"Akusiyo indlela yokukhuluma le uyamubona umntwana ukhathazekile wena uzokhuluma kanjalo."

MaKhumalo:"Ufuna ngithini kunini ahluphana nalengane yabantu lo udodi womntwana ngiyasiswabela isibeletho sami kuthi wavundla kuso."

Khumalo:"Manje ubona ukuthi ukhulume kanjalo ? UDansile akanayo lenhliziyo embi yokubulala njengawe."

MaKhumalo:"Uthini,ungibiza ngombulali."

Khumalo:"Unguye vele kwenzakalani ngoYoliswa?"

Athuke umaKhumalo uNsizwa yena amangale uzokhala kubazali bakhe njengenjwayelo bona sebayaxabana kusho ukuthi nguye obaxabanisayo. Asukume uKhumalo ayongena endlini amulandele umaKhumalo kukhale iminyango ngoba sebayivala kabi.

MaKhumalo:"Uyaphi Khumalo?"

Makangena egunjini lakhe umufica sekaphethe isikhwama

MaKhumalo:"Ngeke ungenze lowo mhlolo mina emva kweminyaka engaka ngikubekezelela."

Khumalo:"Ngikubuzile kwenzakalani ngoYoliswa nengane yami?"

Ahlahle amehlo umaKhumalo.

MaKhumalo:"Ungayenzi lento Khumalo ngangenziwa ubuhlungu benhliziyo."

Khumalo:"Salake nenhliziyo yakho yonke leminyaka uyangibuka nje awungitsheli ukuthi nginengane maKhumalo. Lomntana wabantu azange angisondele yimina engamudlwengula."

MaKhumalo:"Ngiyakucela ungahambi myeni wami buka sesibadala manje."

Khumalo:"Yazi lento engayenza yimbi kwakungamele ngiyenze kodwa ngoba kunengane kwakumele ungitshele ngizibonele mina ukuthi ngenzanjani. Buka indodana yakho ikhule kahle. Indodakazi yami yakhula kabuhlungu ihlupheka mina baba wayo ngikhona nginemali. Awunanhliziyo wena ungusathane."

MaKhumalo:"Wazi njani kuthi yintombazane leto ngane? Ubonana noYoliswa futhi yingakho unokuphuma manje ungasho ukuthi uya kuphi."

Ahleke uKhumalo

Khumalo:”Ngeke ushintshe wena suka endleleni yami.”

Angasuki umaKhumalo amusunduze ayowela embhedeni aphume, amulandele afike angene emotweni uNsizwa amangale naye kwenzakalani kanti. UmaKhumalo eme phambi kwemoto.

MaKhumalo:”Uzophuma ngalesango ngifile ngibulale okungcono.”

Khumalo:”Suka endleleni.”

Eme bahlale kanjalo agcine sekaphuma emotweni uKhumalo inkosikazi yakhe iyakhala lapho phansi. Abuyele endlini avuke phansi umaKhumalo amulandele bangene egunjini labo. UNsizwa abone ukuthi kuncono ahambe ayozicabangela kuthi umusiza njani umkakhe…..

***ISIQEPHU 19***

***CEBILE***

Mabafika esibhedlela abazali baka Lwazi, uMsizi kanye noCebile baqonde ewodini lakhe bafice kunombhede wodwa olungiswe kahle. Babukane batatazele uMsizi ayobuza kulenesi alibonayo amulandele uCebile.

Msizi:”Sawubona.”

Nesi:”Yebo.”

Msizi:”Sizobona uLwazi Khoza usebenzisa lewodi.”

Nesi:”Buza kumabhalane bhuti angazi mina.”

Abandlule baqonde kumabhalane abingelele azichaze bazokwenzani.

“Ahm bashintshe iwodi lakhe uphapheme yingakho bamuyise ewodini labalulamayo.”

Msizi:”Ingabe ukuliphi iwodi?”

“Mana nginibhekele.”

Achofoze kucomputer yakhe

“Ukuward 4 hamba ngalephasiji ungajiki ndawo uzolibona.”

Msizi:”Siyabonga.”

Basuke abazali bakhe sebathuke kabi uCebi asuke ngejubane baze bamuhleke umaKhoza sekaphuma nezinyembezi.

MaKhoza:”ULwazi angadlali ngalomntwana wabantu.”

Khoza:”Ndodana uthulile kulezinsuku akufani nawe kwenzenjani?”

Mholi:”Akulutho baba uLwazii usithusile nje.”

Khoza:”Uqinsile ndodana.”

UCebile makangena ewodini isthandwa sakhe silele sivule amehlo naye abhekise amehlo emnyango babukane. Alule isandla esisodwa uLwazi asondele ngejubane uCebile sekayakhala afike aziphose kuye bahagane. Bakhale bobabili uCebile sekahlezi embhedeni. Abazali bakaLwazi mabangena bajabule nabo kepha bangangeni

Mholi:”Asibalinde.”

Beme emnyango

Cebi:”Ungithusile yazi sthandwa sami.”

Lwazi:”Uyazi bengikuzwa mawukhala noma bakuthatha ngenkani bobhuti bakho ungafuni. Bengazi ukuthi kumele ngibuye kuwe sthandwa sami ngiyajabula ukahle.”

Amuhage futhi abuye amuqabule

Cebi:”Uyanuka umlomo wakho.’

Bahleke

Lwazi:”Unciphile nkosazana yami.”

Cebi:”Uyazi isonto elilodwa nje konke bekubuhlungu ngisho ukuphefumula lokhu, angisabazi nobuthongo.”

Lwazi:”Sengivukile sthandwa sami, uphi uNozibusiso?”

Cebi:”Uhambile ugogo wakhe wamulanda.”

Lwazi:”Abazali bami bona?”

Cebi:”Mana ngiyabuya.”

Aphume abafice beme emnyango

Cebi:”Hawu mama kungani ningangeni uyanibuza uLwazi.”

Bangene nabo bamujabulele bamuhage kepha bacophelele la alimele khona bajabulile.

Lwazi:”Ukahle baba nomama.”

MaKhoza:”Sikahle ndodana uvalo nje belusiqeda."

Lwazi:”INkosi beyingakafuni.”

Khoza:”Namanje kusamele uphumule ndodana kuningi okukulindile.”

Lwazi:”Ishishini lami lihamba kanjani?”

Msizi:”Ngibhekile konke bafo ungakhathazeki.”

Khoza:”Abehamba nangeJeep yakho.”

Bahleke

MaKhoza:”Usuyacebana manje baba?”

Lwazi:”Inkinga ayikho, unjani umama mangikhumbula kahle ngathi wayedubulekile naye?”

Cebi:”Sekaphumile yena esibhedlela inhlamvu azange imushaye endaweni embi, uAmanda azange aphile besimuncwaba namuhla.”

Lwazi:”Hawu batholakele labantu? Athini amaphoyisa?”

Cebi:"Ubhuti akavulanga cala uthi ufuna kuzitholelela bona. Namuhla nje bekugcwele abangani bakhe ngiyacabanga balungisa lokho."

Mholi:"Kukhona  abakuhlelile?"

Cebi:"Angazi ubhuti akafuni kukhuluma."

Khoza:"Madodana ami sizoba umndeni  owodwa nabo mina ngicabanga ukuthi niyobasiza."

Msizi:"Baba ezindabeni zodlame uyazi ngeke ngikhone, ngingaya nje kubonisa uNathi kuthi akhone kukhulula inhliziyo yakhe."

Lwazi:"Labantu badelela bhuti ngangikhona ukube bathatha imoto bahamba. Manje bona batshontsha imoto mababona kuthi kuyakhanyiswa endlini bajika bazongena endlini. Bazosinaphaza kanje futhi babezimisele kubulala wonke umuntu labantu."

Mholi:"Manje uthi kwenziwe njani?"

Lwazi:"Ngizobasiza mina ngoba ngangikhona lapho, nina ningazingeni angifuni nithelwe amachaphazelo."

Mholi:"Nina kumele nikhulume noNathi ayekele amaphoyisa enze umsebenzi wawo."

Lwazi:"Hayibo uphi uDansile?"

Babukane

Msizi:"Ithi sikushiye nesthandwa sakho sesizophela isikhathi sezivakashi."

Baphume sebabalekela kuphendula ngodadewabo kuthi akekho kahle.

Lwazi:"Ukahle ngempela?"

Cebi:"Ngikahle sthandwa sami."

Lwazi:"Ngizophuma siqhubeke ngamalobolo ethu uyezwa."

Cebi:"Ngiyabonga ngokusindisa impilo yami Lwazi."

Lwazi:"Into okumele ngiyiphilele leyo akukho okuzokuvelela ngibhekile. Hamba manje ngifuna ufike ekhaya udle uphumule ulale kangcono namuhla."

Cebi:"Uyangixosha?"

Amoyizele uLwazi

Lwazi:"Yebo ngiyakuxosha, ungibizele ubaba noMsizi mawuphuma  ungicelele noBhuti Nathi kuthi ngicela kukhuluma naye makathola isikhathi."

Cebi:"Kulungile sthandwa sami ulale kahle nawe uphumule."

Lwazi:"Ngiyakuthanda uyezwa."

Amuqabule uCebile afulathele afike bamulindile ngaphandle.

Cebi:"Baba ninobhuti  uLwazi ucela kukhuluma nani."

Bajike uMholi akasekho vele kusale umaKhoza noCebile.

Cebi:"Ubhuti Mholi sekahambile?"

MaKhoza:"Yebo angithi uze ngemoto yakhe."

Cebi:"Akabukeki akahle ubhuti kwenzenjani?"

MaKhoza:"Ngiyacabanga ukuthi lento kaLwazi imulimazile. UMholi unje uma ephatheke kabi akusiye umuntu okhulumayo uyazithulela aze abe kahle."

Cebi:"Angilifisi leviki liphindeke empilweni yami, belibuhlungu."

MaKhoza:"Ukukhula mntanami kunje uma usukhulile uqala kubona izinto kanti ukube useyingane bongeke ukubone konke lokhu okwenzekayo noma ukunake. Ngibonga indlela othanda ngayo indodana yami Cebile."

Acabange lokuthi akamuzali kodwa uthando lwakhe luyathusa uyamuthanda uLwazi umaKhoza. Babuye bexoxa behleka bangene emotweni.

MaKhoza:"Abethini uLwazi?"

Khoza:"Haaa nakoke okukhulu angithi kube bekafuna uyizwe lendabandaba abezokubiza nawe."

MaKhoza:"Angibuzi wena ngibuza indodana yami, Msizi."

Ahleke uMsizi bafike behlise uCebile esangweni lakubo bamulinde angene endlini bese bayahamba nabo…..

***ISIQEPHU 20***

***KWANKOSI***

Sekuphele amasonto amathathu uAmanda ebekiwe endlini yakhe yokugcina, bahlezi etafuleni bayadla.

Nathi:"Ngiyahamba ngoMsombuluko iviki lonke nje."

MamGugu:"Uya kuphi ndodana?"

Nathi:"Ngifuna kopholisa ikhanda kancane."

Sinalo:"Uyolipholisa kuphi?"

Nathi:"Angikazi kodwa ngizonazisa."

MamGugu:"Angiyithandike le."

Nathi:"Kumele ngabe sengihambile manje ngilinde malobolo kaCebile emva kwawo ngiyahamba."

BabMongezi:"Usho ukuthi ngoba alotsholwa ngoMgqibelo wena ngoMsombuluko uyahamba?"

Nathi:"Yebo baba."

MamGugu:"Ndodana ubani ozobheka amashishini akho?"

Nathi:"Nangu uSinalo uzowabheka uzosizwa uLwazi la anenkinga khona."

BabMongezi:"Uzomusiza kanjani umuntu osesibhedlela."

Nathi:"Uyaphuma kusasa."

MamGugu:"Unamashishini wakhe nje Nathi?"

Nathi:"Uhlakaniphile uLwazi ngeke ahluleke futhi nguyena engimethembayo."

Sinalo:"Ngingahamba nawe?"

Nathi:"Ngifuna kuba ngedwa angifuni muntu."

Sinalo:"Bhuti ngeke ngikuhluphe ngizoba kude nawe."

Nathi:"Cha Sinalo mangihamba nawe kuzosala bani la ekhaya abheke konke, ubaba ngeke akhone ngoba ubheke umama akekho kahle naye umama uhlala akhala."

Sinalo:"Uzokhona ubaba nguyena ohlala asibheka enza konke manje uzohlulwa yini, ngihamba nawe uthanda ungathandi."

Nathi:”Ukhuluma nobani kanjalo?”

Athule uSnalo

BabMongezi:”Sinalo ngizobheka la ekhaya umawakho kanye noCebile kepha amashishini angazi lutho ndodana muyeke ubhuti wakho ahambe.”

Sinalo:”Angisasiyo ingane niyathanda kungiphathisa okwengane, baba sobabili siyazi ukuthi lamashishini emile nje afaka imali umsebenzi wakho ubaba konke abekwazi wakufunda kuwe. Ngisho namanje ngihlala ngikuzwa ukhuluma nobhuti. Uzobheka konke uNathi ufuna kuyohlasela la mabamubulala ngizozixolela kanjani ngazi ukuthi ubhuti wami ngamuhambisa yedwa.”

Nathi:”SINALO.”

Sinalo:”Cha bhuti ngiyahamba waze wahamba ngingaboni wazi ukuthi ngizokufuna ngize ngikuthole. Uma ngingakutholi ngizobulawa ngifunana nawe.”

MamGugu:”Ndodana.”

Sinalo:”Cha mama ungasho lutho angisiyo ingane mina, ubaba unguSpoko akukho okuzomhlula.”

Bathule bonke babuke uSinalo uCebile adonse umoya

Sinalo:”Kunye engikucelayo ukuthi ningibuke njengomntomdala nami ngoba nginguye. Ngihamba nawe noma ungangithukuthelela ngiyahamba.”

Asukume alahle inapkin phezu kwetafula aphume bezwe imoto seyiduma

Nathi:”Qondisani lendodana yenu ngoba mina angifuni kuhamba naye uma abulaleka la engiya khona ngizozixolela kanjani. Cebile utshele isoka lakho ukuthi beze ekuseni ngo6 kuzophela ngizosheshe ngihambe.”

Asukume naye umamGugu abhekise ikhanda phansi akhale asukume uCebile amuthulise.

MamGugu:”Kwenzakalani emzini wami kodwa?”

BabMongezi:”Ungakhali Gugulami laba babanga ukuthandana nje ababoni ngoha bobabili bayacabangelana. Cebile shayela uLwazi umazise ngokushintsha kwesikhathi kodwa ungamutsheli isizathu uthi nawe awazi.”

Cebi:”Kulungile baba. “

## ***SBONGILE***

Sbo:"Mama ugcine nini kukhuluma nomfundisi?"

MaYoli:"Mzukwana angikhipha kungenzeka kukhona angakuthandanga ngami manje uncena ukwala."

Sbo:"Noma uyinsizwa ziphelele akafuni kukucasula ngokuvela njalo."

MamYoli:"Wena unjani, angikaze ngibe nomngani wesilisa uze ube ngaka makungenzeka okuthile phakathi kwethu uzokwamukela?"

Sbo:"Mama anginayo inkinga futhi umfundisi ngathi uyakwazi akufunayo empilweni."

MamYoli:"Uthe akanamali uqeda kuhlukanisa nenkosikazi yakhe, kahle kahle uze ngapha kulendawo kuzoqalela phansi. Uthi abezitshela ukuthi uqedile ngezothando ufuna ukusebenzela iNkosi nje qha."

Sbo:"Wase ubona wena mama uyakuthanda umfundisi buka umushintshise necebo lakhe."

MamYoli:"Ngithe ngizomulinda singabonani aze aqede kuhlukanisa."

Sbo:"Ukahle nalapho ma."

MamYoli:"Awulambanga?"

Sbo:"Cha mama yazi ngizoya khabo Sinalo usesi wakhe uyalotsholwa ngoMgqibelo."

MamYoli:"Kulomuzi bayazi ukuthi uthandana noSinalo?"

Sbo:"Angazi ma akakaze angibize abazise kodwa mangifika bonke bayangijabulela angazi."

MamYoli:"Angikamuthembi lomfana ungalinge ulale naye mntanami ngokushesha."

Sbo:"Uzongithola sekangishadile."

MamYoli:"Kukhona okokodayo awuzwa?"

Aphinde futhi akokode aye emnyango uSbongile makavula uSinalo amubone nje engakabingeleli ukuthi akajabulanga.

Sinalo:"Sawubona."

Sbo:"Unjani?"

MamYoli:"Ubani lowo?"

Sbo:"USinalo ma, ngingaphuma sizohlala la ngaphandle."

MamYoli:"Kulungile thatha ukhiyo ngeke ngikuvulele wabuya masekuhlwile."

Aphume akhiyele umawakhe aye kuSonalo

Sbo:”Uyabanda lomoya yazi.”

Sinalo:”Ngizokubheka nje ngizizwe ngikukhumbula.”

Sbo:”Unamanga, kwenzenjani?”

Sinalo:”Ngizwe ngikukhumbula.”

Sbo:”Nami usungibonile.”

Amubheke uSinalo amulungise isikibha sakhe la phezulu.

Sinalo:”Ngiyakuthanda Sbongile.”

Sbo:”Nami ngiyakuthanda.”

Sinalo:”Ngeke ungilahle nje mangikutshela iqiniso?”

Sbo:”Angeke hawu iqiniso ilona elenza abantu bathandane kakhulu.”

Sinalo:”Ngicasukile Sbongile bangicasule ekhaya indlela abangiphatha ngayo.”

Sbo:”Bakuphatha njani.”

Sinalo:”Njengengane, emva kwamalobolo aCebi kukhona la aya khona uNathi ngithi ngizohamba naye bayanqaba”

Sbo:”Mhlawumbe banezizathu zabo Sinalo ungathandabuzi abantu abadala.”

Sinalo:”Cha Sbongile nami ngiyafuna ukuba khona makwenziwa izinto ezizophephisa umndeni.”

Sbo:”Umama uma enawe bababakahle bayakhululeka bayazi akukho okuzobavelela ngoba banawe. UCebile ukuthemba ukundlula iphoyisa nesibhamu salo.”

Sinalo:”Ngiyakuzwa, ngamanye amagama ngikahle mangisekhaya? Kungani ngingathenjwa kuthi nami ngiphume.”

Sbo:”Abadala bazi kancono kunathi Sinalo ungalokhu umuphikisa.”

Sinalo:”Ngiyezwa.”

Sbo:”Futhi nje ubufuna kuhamba uyephi ungishiye? Ngizosala ngiqoma mina.”

Sinalo:”Uzathi ukwenzelani lokho?”

Sbo:”Hawu lomzimba lo ufuna kuzilungisa njalo kuthi ngibonwe isoka lami uma kuphela izinsuku ungezi ngizobonwa ubani?”

Asho ezikhomba umzimba wakhe abuye aphenduke kuthi amubuke kahle uSinalo, amoyizele amubambe ngesandla bayoma ngale kwendlu. Ayamele kubonda uSinalo abeke uSbongile phambi kwakhe.

Sinalo:"Ngingakubulala nya."

Sbo:"Hayibo Sinalo kanjalo nje?"

Sinalo:"Kanjalo sthandwa sami, awazi sengikuthanda kanjani futhi indlela abakhuluma ngawe ngayo ekhaya yenze uthando luphuphume lungivale nokucabanga."

Aphenduke uSbongile babhekane

Sbo:"Bathini?"

Sinalo:"Bayakuthanda angibatshelanga lutho bazifundele kwezabo ukuthi hhayi akusiye umngani kaCebi lo. Ngiyakuthanda maNtuli."

Amoyizele uSbongile babone sekucishwa ugesi endlini kube mnyama kepha bangabi nankinga.

Sbo:"Kukhona okumele ngikutshele kona."

Sinalo:"Ngilalele."

Aphenduke futhi uSbongile amufulathele izandla zaSinalo zisokhalweni uSbongile azibambe ukhuluma ulokhu uyaziphulula.

Sbo:"Isbongo sami sangempela uKhumalo ngiqeda kuhlangana nobaba wami ebengingamazi ngikhule ngingazi ngaye."

Sinalo:"Ohh manje ngiyazwisisa lenjabulo onayo yenziwa ilokho? Uyasho ukuthi kungani abengekho empilweni yakho yonke leminyaka."

Sbo:"Eqinisweni anginendaba mina ngijabulele ukuthi ngibize legama likababa."

Sinalo:"Im happy for you sthandwa sami, sekumele ngihambe angifuni umama acsbange ukuthi ngibathukuthelele."

Sbo:"Mina ngisajabulile kuba nawe nje."

Sinalo:"Singahamba sobabili."

Afune ukuvuma makacabanga ukuthi ujabula kanjani makanoSinalo, abuye azikhuze makacabanga indaba yemizwa ngoba namanje uyamuzwa kuthi uphathekile isitho sakhe usizwa nje.

Sbo:"Kube kuya ngami kube siyahamba manje uyazi nawe kumele ngicele kanti sekalele angifuni kumuvusa."

Sinalo:"Ngiyezwisisa, ngingakubuza okuthile?"

Sbo:"Cha."

Sinalo:"Hawu."

Ahleke uSbongile noSinalo alandele

Sbo:”Ngiyadlala.”

Sinalo:”Uzolijabulisa nini isoka lakho ngokocansi?”

Athuke uSbongile abe namahloni

Sbo:”Kungani ubuza?”

Sinalo:”Ngifisa ukwazi nje sthandwa sami ngoba manginawe hhayi kuyala ngilahlekelwa kucabanga.”

Sbo:”Ngeke silale sthandwa sami singashadanga, ngiyathemba uzokwazi kungilinda.”

Akhamise uSinalo abuye awuvale umlomo angasho lutho

Sbo:”Ungizwile?”

Sinalo:”Ngikuzwile sthandwa sami.”

Sbo:”Ngeke ubuze nesizathukuthi kungani?”

Sinalo:”Cha wena uzongitshela uma ufuna.”

Amuzwe ukuthi uphoxekile yize angamubhekanga, aphenduke abheke ngakuye amubeke izandla entanyeni kuthi amuqabule.

Sbo:”Ngifuna sazane sthandwa sami sijwayele uthando lwethu olungaxhumananga ngocansi. Ngifuna siluqinise ngenye indlela ucansi akusikho konke, futhi angifuni kweyisa uNkulunkulu ngoba yena uthi kumele ulale masoshadile.”

Sinalo:”Ngiyezwa ngiyaqondisisa futhi kodwa hhayi imizwa iyalwa.”

Sbo:”Kuzomele sithole indlela esizoyehlisa ngayo.”

Amoyizele uSinalo amuqabule

Sinalo:”Ayikho enye indlela ikakhulukazi uma uzohlala umuhle kanje ayikho sthandwa sami.”

Simbo:”Ngizoza kuwe ngigqoke isaka ke.”

Sinalo:”Ngeke kusize nako yizwa la ungathuki.”

Athathe isandla sakhe amubekise sona esithweni sakhe

Sinalo:”Ungasabi bamba kukhona engifuna ukuzwe.”

Abambe naye adonseke makamubamba.

Sinalo:”Ngiqabule uzwe okwenzakalo esandleni sakho uma ungiqabula, futhi sifake phakathi uzozwa kahle.”

Sbo:”Hhayi Sinalo.”

Sinalo:”Ngiyakucela.”

USinalo ugqoke ibhlukwe letraining suit asifake isandla phakathi makabamba athuke ngoba bekathi uzobamba phezu kwesikhindi sangaphansi kodwa kuvuleke konke wabamba sona isitho. Aqume noSinalo amubambe uSbongile baqabulane, ezwe isitho sakhe sinyakaza esandleni sakhe. Isimanga makunyakaza isitho sikaSinalo kuye uzwa kukhona okuphumayo kamnandi okumanzi azihlanganise imilenze kakhulu. Angasamuyeki uSbongile aqhubeke ngokumqabula nesandla sesiyahamba phakathi kwebhlukwe. Kukhonkothe inja bathuke bobabili bayekane inja iyazindlulela babukane kumnyama.

Sinalo:”Njalo mangikubona kwenzeka kanje angisakhulumike mangikubamba damn Sbongile ngizifisa ngaphakathi kuwe.”

Iphimbo selishintshile uSinalo amubeke kubonda anamathele kuye bathintane futhi.

Sbo:”Ngiyazwisisa kodwa ngeke ngikuphe singakashadi.”

Ahlahle amehlo uSinalo makezwa igama lokuthi ngeke balale nhlobo baze bashade.

Sinalo:”Unesiqiniseko?”

Avume ngekhanda aqamele kuSinalo osozizwa asangene kakhulu kunakuqala.

Sinalo:”Yoooo this girl uphila kumuphi umhlaba sthandwa sami?”

Sbo:”Kuwo wona lo.”

Snalo:”Damn.”

Athule kancane

Snalo:”Fuck.”

Sbo:”Uyangithuka?”

Snalo:”Ngithuka lemizwa nalothando olikhulisa njalo ngezenzo zakho, yazini maKhumalo ngizokulinda.”

Sbo:”Uzokwenzanjani uma kubanzima? Ungangitsheli kuthi uzohudula bonondindwa emgwaqeni.”

Sinalo:”Ngizokufundisa kuthi ungisize kanjani ngaphandle kokuthi silale.”

Sbo:”Ngiyabonga ngokuzwisisa, manje awufuni kusizeka?”

Sinalo:”Ungangilingi maMntungwa ungangilingi.”

Sbo:”Nginonembeza hawu angifuni isoka lami lingajabuli.”

Sinalo:”Namuhla asikhohlwe kuzondlula?”

Sbo:”Nakancane.”

Sinalo:"Ngizokwenza kahle uyezwa ungangiphoxi sthandwa sami, phakade lami."

Sbo:"Phakede lami? Ngiyalithanda lelo gama."

Kukhale ucingo lwaSinalo alubheke ubhuti wakhe makathi uyalubuyisela

Sbo:"Ukhathazekile la akhona muphendule angithi sikhulumile."

Amoyizele uSinalo aphendule

Sinalo:"Bhuti."

Nathi:"Ndoda ukuphi manje ngoba umama uyakhala la bacabanga ukuthi udubile."

Sinalo:"NgikuSbongile ngiyeza."

Nathi:"Isikhathi eside kangaka iza naye moso umama azokhululeka, bafo ngiqeda kushiwa inkosikazi angifuni kubona umawami enje."

USbongile uyamuzwa aze amuzwele uNathi

Sinalo:"Ngiyeza."

Aluvale bese uhlikihla uSbongile eziphangeni sekeme wamufulathela futhi

Sinalo:"Uyathanda kungidunusela ?"

Bahleke bobabili

Sinalo:"Ithi ngihambe."

Sbo:"Kulungile."

Aphenduke baqabulane futhi isikhathi eside bobabili balawulwa imizwa kepha uSbongile usezingqondweni zakhe. Amubambe ezinqeni amuphakamise kancane kuthi izitho zabo ziqondane. Amubeke kubonda futhi baqabulane, uSbongile asizwe isitho sakhe sithintana nesikaSinalo athuke. Yize begqokile bobabili yena ugqoke ibhijama ewusilikhi kanye nephenti. Azame ukumususa angavumi uSinalo.

Sinalo:"Ngicela kukhipha lento engihluphayo ngeke ingene, sigqokile sobabili ngiyakucela ngizoyiraba nje."

Angamuphenduli uSbongile amuqabule kepha imilenze ayihlanganise baqabulane mawala manje uSinalo afende naye. Abuyisele izandla ezinqeni kuthi amufendise naye, kuphume ukuquma kuSbongile ngoba isitho sikasinalo sithintene neclit yakhe.

Sbo:"Sinalo."

Snalo:"Ngiyakuthanda."

Amufendise mawala naye ufenda mawala isitho sakhe sikitazeka kamnandi aqale avevezele uSbongile uSinalo amucindezele kakhulu kubonda enze mawala.

Sbo:"Ahhhhh Snalo kuyaphuma."

Sinalo:"Yes kuyeke."

Bachamelane kanjalo bemile begqokile beme kuthi bakhokhe umoya bobabili, abe namahloni uSbongile.

Sinalo:"Ungathuki angiyifakanga nawe uyazi angithi mayingena kuba njaani."

Sbo:"Ngiyezwa sthandwa sami."

Snalo:"Damn ngimanzi wena uzingibulala ngemfudumalo."

Sbo:"Hamba manje."

Amuqabule esihlathini asuke kuye bamanzi bobabili amuphelezele angene emnyango aze akhiye amulunguze efasteleni amuvayise ngesandla. Ahambe noSinalo akhiye isango kahle angene emotweni ayisuse…..

***ISIQEPHU 21***

***EJELE***

Sekuphele amaviki amane aboshiwe uDanisile umyeni wakhe usezame ngawo wonke amandla ukumkhipha kodwa kunzima. Ibheyili yanqatshwa ngoba nakhu ubhuti wakhe wangenelela makaboshwa okokuqala wase uyaphuma futhi. Bathi uyisigebengu uma ekwazi ukutshontsha amadokhethi wakhe. Umndeni wakhe wona kunzima nakuwo abasamufuni nala ahambe khona umyeni wakhe ngoba babeka yena icala.

Ubuya kuyogeza ekuseni bavuswa ngensimbi bahambe bayogeza ekuseni kakhulu ngoba amanzi ashisayo ayaphela. Ageze aqede masebayodla ahlale la ahlala khona kusondele esinye isiboshwa sihlale celeni kwakhe.

“Ekse.”

Dani:”Hi.”

“Ufahlakiswe yini?”

Dani:”Ngashayisa umuntu ngephutha.”

“Igama lami uSdumo, manje banqabeleni ngebheyili ngoba uyaqala kuvalelwa?”

Dani:”Ngaboshwa ngosuku engashayisa ngalo lomuntu umndeni wami wayingena lendaba banyamalalisa idokhethi manje imantshi ithe ngizobaleka kuncono ngivalelwe ngize ngigwetshwe.”

Akhale uDansile

Sdumo:”Ohhhhh ngiyabona, uhlala uhlezi wedwa kuhambani?”

Dani:”Angikhululekanga kukhona ongithembise kungidlwengula.”

Sdumo:”Ohhhhh bengizokuvikela manje ngebhadi ngiyahamba namuhla bengize enkantolo.”

Dani:”Bakushitsha ijele?”

Sdumo:”Sengigwetshiwe izolo bekuyicala lami, phela iziboshwa ezigwetshiwe azivalelwa esiteshini samaphoyisa, ziya ejele. Ube grand uyezwa.”

Dani:”Kulungile.”

Ikhale insimbi bakhishelwe ngaphandle kuyosebenza bacoshiswe ammaphepha. Awacoshe la akhonjwe khona ashayisane nesinye isiboshwa makaphakamisa amehlo omunye wesifazane uneso elilodwa.

“Eyyy voetsek wena awubheki la ohamba khona sfebe.”

Dani:”Ngiyaxolisa.”

Sihleke lesiboshwa kuze nezinye ngoba uyaziwa lo uthanda uchubu.

“Uxolisa uxolisani namuhla yimi nawe nenqindi yami.”

Athule uDansile kusondele iphoyisa bahlukane bayosebenza, kubuyelwe esitokisini. Yena uvalelwe nabanye abathathu abakaze bamunike inkinga.

Omunye:”Dani namuhla kuzomele uqine.”

Dani:”Ngobani?”

“Angithi umuzwile uMbobo utheni kuwe, makathi nguwe nenqindi usho ukuthi uzokudlwengula akuhlohle inqindi ngaphansi.”

Athuke kakhulu uDansile kuze kwehle nezinyembezi.

Dani:”Kuncono ngiyobika emaphoyiseni nje.”

“Khohlwa kudala acetshwa kodwa aqhubeke angazi kungani bangamususi la ngoba kudala agwetshwa.”

Kuphendule omunye ohlala azithulele

“Ngeke bamususe angithi iningi lomndeni wakhe amaphoyisa yingakho indaba yakhe ingathathwa nje.”

Dani:”Lamaphoyisa ala wonke? Kukhona mhlawumbe engingakhuluma nalo.”

“We ntombazane khohlwa ngoba umphathi ubaba wakhe, usecond commander mangabe ikhona into enjalo ubabomncane wakhe. Uzoya kubani wena qina nje namuhla uzohhotholozwa. Uyamubona lo kudala amenza leyonto waze wamukiswa esibhedlela kwaba yima amuyeka.”

Ahlale embhedeni wakhe uDanisile akhale akhuleke ngenhliziyo.

Dani:”Nkosi yami ungishiyelani kodwa kanje?”

Luqhubeke usuku bahambe bayodla aqhamuke futhi amuphuce ukudla anganqabi ngako uDani.

“Usakhumbula siyazikhipha namuhla?”

Angaphenduli abheke phansi

“Hhey wena sfebe ngiringa nawe.”

Amushaye ngalokudla kwakhe kusuke omkhulu umsindo lo amushaye nangezibhakela angakhoni nokuziphindisela. Kuqhamuke amaphoyisa abahlukanise alokhu enza inkani lo uDansile sekayopha. Mabaqeda ukudla babuyiselwe ezindaweni zabo uDansile

bangamunaki nje nokuthi ushayiwe. Emva kwesikhashana bevalelwe kuqhamuke iphoyisa ligquba uSdumo afike eme ezinsimbini amubone uDansile aye kuye.

Sdumo:”Mntanami sengiyahamba faka isandla sakho la esikhwameni leyonto uyisebenzise uma ufuna ukuzivikela.”

Akhale uDanisile

Dani:”Kwamele uhambe vele ma?”

Sdumo:”Kumele ngihambe sesi ngikufisela inhlanhla uyezwa?”

Dani:”Uhambe kahle.”

Sdumo:”Usale kahle nana khipha lento lingakuboni lephoyisa.”

Alibheke lizichofozela ucingo afake isandla esikhwameni se overall esifubeni abuye nommese omncane oyigolide omuhle awufihle.

Sdumo:”Sho .”

Dani:”Bye ma.”

Makafulathela iziboshwa zimemeze zishaye nezinsimbi akhale uDansile amehlo akhe ahlangane newalesiqhwaga uboshwe ngale. Amaseli abo abhekene ahlale phansi akhale. Kube isikhathi sezivakashi

Phoyisa:”Eyyy sboshwa khona ozokubona?”

Acabange abazali bakhe uma bengamubona enje bazokhala

Dani:”Angifuni batshele bahambe.”

Libuyele emuva iphoyisa ngesikhathi sokudla kwantambama angayi kuyodla uDansile. Uvuvuke amehlo abomvu kanti unamanxeba ezibhakela zesiqhwaga. Babuye sebadlile bazilungiselele kulala kodwa ihora lesithupha. Basahlezi nje uDanisile usembhedeni wakhe onganangubo ezwe kukhala izinsimbi zivuleka angaphenduki ashawe uvalo nje.

“Ayyyy ela sfebe vuka sambe.”

Athuke uDani

“Uyadelela umthetho wakho neh?”

Amudonse awele phansi amusukumise ngokumkhahlela ebusweni, iseli livuliwe akazi nokuthi lamaphoyisa anjani kanti. Amukhahlele ezinqeni awe phansi futhi bahleke, akekho ofuna kuba senkingeni nesiqhwaga abalamuli. Sigobe isiqhwaga simuphakamise ngesihluthu sakhe amuphosele embhedeni.

“INGOMA INGOMA.”

Baliqale iculo akhale uDansile makamukhumulisa amubambe ibele elilodwa alincele bese umuluma ingono kakhulu. Iyasho ingoma bacula bonke phela ungathula sikubone isiqhwaga kuzoba nguwena.

“Vula legolo sfebe.”

Akhale kakhulu uDansile kulaba abaculayo abanye bayakhala nabo kodwa bayacula, abize abangani bakhe babambe uDansile imilenze amoyizele yedwa makabumba inqindi akhale kakhulu uDani, afake isandla phansi komqamelo awubambe ummese.

“HHEY HHEY HHEY UBANI OVULE LA?”

“Shit man ngifuna kuqeda la ubani loyo?”

Babheke emuva bonke nesiqhwaga siphakame uDanisile alokhu elele lapho azigoqe akhale afulathele. Amaphoyisa amabili ahamba nowesilisa oyedwa.

“Uphi?”

Phoyisa:”Dansile Khumalo.”

Asukume elokhu ekhala azame kugqoka izimpahla ziyawa, asondele lo oke walinyazwa ilesiqhwaga amusize agqoke. Uyakhala uDansile akaboni nasemehlweni athathe ummese wakhe awufake esikhwameni.

Phoyisa:”Wena iseli yakho le?”

“Siyavakashela ikhona inkinga phoyisa?”

Makavela uDansile abone lomuntu wamushayisa akhale abeke izandla ebusweni uDumsane naye adabuke. Asondele kuye amuhage ngesandla esisodwa, abamaziyo bayazi uyisigebengu uDumsane.

Dumi:”Ubani okwenze kanje?”

Angaphenduli aphakamise amehlo azibonele ukuthi ubani isiqhwaga la. Babhekane asondele kuye abe nokusaba naye

Dumi:”Ulimaza izingane zabantu la uyakhohlwa ukuthi anamawele akho angaphandle. Ukuthi kuphethe umndeni wakho la uDumsane akanandaba nako, ungakhohlwa abafana bakho bangaphandle.”

Bangakholwa abantu ukuthamba aba yiko usqhwaga ngokushesha.

“Awukwazi,kukwenza lokho?”

Dumsane:”Nxxxxx.”

Afulathele axhugeza anike uDansile isandla sakhe.

Dumsane:”Asambe.”

Phoyisa:”Awuhambi naye ngizothini mina kumphathi?”

Dumsane:”Ungangitsheli ngalomphathi wenu onukayo, uyamunona lomuntu udinga udokotela?”

Phoyisa:”Sizomuhambisa thina Dumi uzosixoshisa emsebenzini.”

Dumsane:”Hheyi angithi ngishilo ukuthi ngiyalisula icala, yimina okumele ngabe nginenkinga manje ngiyalicisha.”

Phoyisa:”Siyazwisia Dumi kodwa lokho kumele ukusho enkantolo icala lakhe selibekelwe nosuku. Umphathi siteshi ngeke ayithande le.”

Dumsane:”Mina ngizomuletha enkantolo ngosuku lwakhe, as for lomphathi wenu umtshele uluthi ulandwe uDumsane Ntuli wasemaK.”

Ngenxa yomsindo aqhamuke umphathi iziboshwa zimuthukele uDansile kepha umphathi makabona uDumsane agcwale kusaba naye. Siphelelwe ithemba isiqhwaga ubaba wakhe uyamusaba loDumsane.

Mphathi:”Dumsane.”

Dumsane:”Yenza indlela ngiyalicisha icala lokushayiswa kwami.”

Mphathi:”Uyazi kuzoba nzima ngoba sekavelile enkantolo.”

Dumsane:”Akusiyo inkinga yami leyo ngihamba naye, futhi ukhiphe lesiqhwaga sakho kulesiteshi ayoboshwa neziqhwaga ezinje ngaye emajele.”

Mphathi:”Awukwazi kungilawula esiteshini sami.”

Dumsane:”Ngizoqala ngitshele yena bese ngitshela amadodana akho manje.”

Mphathi:”Kulungile ungahamba naye.”

Dumsane:”And?”

Mphathi:”Kusasa uzoya ejele elikhulu.”

Sihlale phansi isiqhwaga masizwa ubaba wakhe avuma ngaso aphume uDumsane mabafika ngaphandle usakhala uDansile.

Dumsane:”Uzokhona kushayela kumele uye kwadokotela.”

Dansile:”Ngiyaqhaqhazela ngeke ngikhone.”

Angene emotweni uDumsane ashayele kancane naye ngathi usasezinhlungwini usakhala uDansile.

Dumsane:”Wanele kuza kimi uzoxolisa azange ngisakubophisa namaphoyisa ngawatshela ukuthi angikubophisi ngimangele mina mangizwa ukuthi uboshiwe.”

Dani:”Yimina engazinikela ngabavimba.”

Athule uDumsane ashayele ayofika esibhedlela ngoba isebusuku bodokotela bavale bonke. Bamusize bamuphe namaphilisi baphume emva kwamahora amathathu sekuyoshaya ihora lesibili ekuseni.

Dani:"Ngizizwa ngikahle manje ngingashayela."

Dumi:"Inkinga masengikubekile mina ngizobuya kanjani, uhlala kuphi?"

Angaphenduli bangene emotweni ayisuse uDanisile

Dani:"Ngingakumukisa kwakho bese ngibuyisa imoto kusasa."

Dumi:"Kulungile."

Amulayele bangene phakathi elokishini ngeke usho ukuthi isekuthatheni kokusa abantu bayazihambela baphuzile. Amangale uDansile phela akayazi lento amulayele angenise imoto.

Dumi:"Ngizokubona kusasa."

Dani:"Bhuti ngeke ngishayele kulabantu abaningi mabangangibamba inkunzi?"

Dumi:"Hayibo uyakwazi ukushayisana angithi."

Aswabe uDani

Dumi:"Kulungile ngena uzohamba kusasa kodwa ungacabangi kufica amaroses kulendlu namashower gel isekasi la."

Ehlike ngokuzincenga athathe izinto zakhe bezifakwe ebhokisini esiteshini bangene endlini. Indlu encane enhle ilungiswe kahle. Mabangena kukhonkothe inja athuke uDansile injakazi enkulu emnyama azifihle emva kwaDumsane.

Agobe ayihlikihle emhlane amukhumule lesigqoko asigqokile asinukise inja yakhe bese uyamunika futhi.

Dumi:"Ngeke ikulume ngena."

***ISIQEPHU 22***

***NSIZWA***

UNsizwa akajabulanga neze ngesimo senkosikazi yakhe, futhi indlela umndeni wakhe omubuka ngakhona nakho kwenza isimo ngathi siyabhebhetheka. Abazali bakhe banezabo nabo abamnakile nje ngasemhleni. UMihla kuphela omunika ukuthula okwamanje. Asahlezi ecabanga kungene umlayezo ocingweni awufunde.

Mihla:"Myeni wami vula isango ngikwakho.*

Alivule angaboni nephutha uNsizwa kulokhu akwenzayo angene bahagane.

Nsizwa:"Ubekwa yini la?"

Mihla:"Ngizokubheka sthandwa sami, kuhamba kanjani ngoDansile?"

Nsizwa:"Kusafana selokhu ngamugcina enkantolo ngebheyili yakhe."

Mihla:"Namanje akafuni kukubona?"

Nsizwa:"Akafuni kuleviki angizamanga nje."

Mihla:"Ngeke vele umuncenge ngento eyodwa."

Amubheke uNsizwa

Nsizwa:"Ungalinge ucabange ukukhuluma kabi inkosikazi yami ungalinge."

Amangale uMihla akayithandi indlela asabonisa ngayo uthando kumkakhe yize amufake kuthi amuthande. Cha lento kumele ayishintshe nje kumele athande yena yedwa ufuna uDansile asebenze ngathi uyisisebenzi sakhe.

Mihla:"Angiqondile okubi myeni wami ngiyaxolisa."

Nsizwa:"Kungancono."

Mihla:"Ubusudlile nje?"

Nsizwa:"Angazi yazi kodwa angilambanga."

Mihla:"Mina ngihalele ipizza yikona okungilethe la."

Nsizwa:"Hawu mamakhe bekumele ubashayele ucingo bazoyidiliva."

Mihla:"Bengifuna nokuphuma nje endlini kumuncu ekhaya, futhi kukhona indawo elumayo efuna kulunywa."

Amoyizele uNsizwa baqabulane khona lapho kusofa bazijabulise baqede, uNsizwa angawuvali umlomo ngobumnandi abuzwile.

Nsizwa:”Wena uya ngokungihlanyisa yazi.”

Mihla:”Kanjani?”

Nsizwa:”Akuchazeki asambe siyothengela umfanami ipizza.”

Mihla:”Asibashayele.”

Nsizwa:”Bengicabanga ufuna kushawa umoya, nami ngifuna kuthenga okumbalwa yazi ngoba umfazi wami angekho konke engikufunayo akukho.”

Afuthelane uMihla baqeda kulala manje sekakhuluma ngomkakhe. Bahambe bayothenga baze babuye. Apakele izinto uMihla

Nsizwa:”Ubisi ungalibeki lapho umkami uthanda malula.”

Amukhombise acasuke uMihla ayekele

Mihla:”Pakake ngendlela mfazi wakho athanda ngakhona.”

Angamunaki uNsizwa ukuthi uphatheke kabi vele apake uMihla ahambe ayogeza, ashiye amanzi akhala kushower akhiye umnyango ashayele uPhinda.

Phinda:”Phinda lo ngingakusiza.”

Mihla:”Phinda yimina.”

Phinda:”Sisi ungazenzi umuntu obalulekile kimi zichaze igama lakho ungitshela ngabomina.”

Mihla:”UMihla.”

Phinda:”Khuluma.”

Mihla:”Nginenkinga uNsizwa usamuthanda umkakhe uhlala akhuluma ngaye.”

Phinda:”Wena wathi ufuna akwenze inkosikazi yesibili azange uthi ufuna ahlukane nomkakhe.”

Adonse umoya

Mihla:”Ngingakhona ukushintsha isicelo amulahle?”

Phinda:”UPhinda akakwazi kuqeda uthando lweqiniso wena qhubeka nesifiso sakho saseqaleni, engingakwenza ukuthi akuthande kakhulu kodwa uthando nozwelo lwenkosikazi yakhe luyohlala lukhona.”

Mihla:”Kulungile ungenza lokho.”

Phinda:”Ngicela ukhumule leyo ndandatho uyifake empahleni yakhe yangaphansi ufake kupulastiki kuhlale izinsuku ezintathu ndawonye. Ngosuku lwesine uyigqoke futhi lendandatho.”

Mihla:"Ngiyabonga."

Aluvale ucingo aluphose phezu kombhede akhiphe isikhindi sangaphandi sikaNsizwa akhiphe indandatho ayiphuthele akhiphe nepulastiki esikhwameni sakhe akubeke emva kwesikhashana angene uNsizwa amubheke.

Nsizwa:"Sizosebenzisa legumbi lezivakashi hhayi leli lenkosikazi yami."

Mihla:"Ngiyaxolisa bengihalela ishower angithi kunebhavu egunjini lezivakashi."

Nsizwa:"Kulungile sthandwa sami asambeke."

Baphume sekadineke ushunqa uthuli ngaphakathi kuye uMihla bayongena egunjini lezivakashi balale. Anqabe noma uNsizwa athi uyamuthinta  ngenxa yokukwata kwakhe……

## ***KWADUMSANE***

Dani:"Ihlala la endlini inja enkulu kangaka?"

Amoyizele uDumsane

Dumi:"Bekuna izulu mangiphuma, awulambanga ngiyakwazi phela ukudla kwasejele akusuthisani."

Dani:"Cha ngifuna ukugeza nje."

Dumi:"Wuuuu nayoke inkinga mina angigezi ngimile ngigeza ngendishi."

Ahleke uDansile kancane emva kokuba sejele ubonile ukuthi impilo iyancengwa.

Dani:"Anginankinga."

Makathi uyasukuma uDumsane amuvimbe amubambe esifubeni asunduzeke aqume awele kuwo usofa.

Dani:"Wuuu phephisa phephisa bengingaqondile."

Dumi:"Ayyy wena ufuna kungibhodisa ngiyakubona."

Dani:"Phephisa, bengicela ungitshela ukuthi izinto ngizozithola kuphi."

Amulayele uDumsane ahambe ayolanda indishi

Dani:"Anginazo izinto zokugeza."

Dumi:"Ayyy misisi uyangihlupha mina ngizozithathaphi izinsipho ezipink manje?"

Athule uDani kuhlangane nokuswaba

Dani:"Ngiyaxolisa."

Dumi:"Cha kukhona engikuthengele umshana makangivakashela ngizokulethela."

Aye kulegumbi amukhombe lona afike akhumule ahlale phezu kombhede akhale uyamukhumbula umyeni wakhe kakhulu futhi. Ezwe sekakokoda uDumsane

Dumi:"Naku la phansi mina sengiyolala misisi."

Dani:"Ngiyabonga."

Avule umnyango kancane athathe ipulastiki kukhona nezinto zokulala, uDumsane abuyele emuva makafika ekhishini abone lezinto zaDansile abamunike makaphuma. Amacici athathe lendandatho ayibuke anikine ikhanda.

Dumi:"Ushadile kanti?"

Ayibuke isikhathi eside makayibeka phansi

Dani:"Yebo ngishadile."

Dumi:"Ubungasho ngani?"

Dani:"Besingekho isidingo."

Dumi:"Sho."

Dani:"Umphathi wasemaphoyiseni ubukeka akusaba ngobani?"

Dumi:"Kusasa ekuseni ngikumukisa kwakho angifuni kuhlala nomfazi womuntu mina."

Dani:"Hawu kanjalo nje?"

Dumi:"Yebo kanjalo."

Akhiphe inja yakhe uDumsane afulathele

Dumi:"Ucime masoyolala."

Amushiye amile lapho asale akokisa igedlela aguduze itiye angalitholi ngale uDumsane uzizwa ephatheke kabi. Wathatheka ngosuku lokuqala uDansile azomubona esibhedlela. Akakaze athatheke ngomuntu wesifazane kanje kodwa lo namanje inhliziyo yakhe iyamulangazelela, kanti ushadile nxxxx. Alale kanjalo ngezimpahla phezu kwezingubo.

Dumi:"Nxxxxx."

Sekunzima lokuphakama acishe ugesi futhi ngeke bufike ubuthongo kusakhanya. Ezwe izinyathelo zisondela ngasegunjini lakhe acimeze azilalelise alunguze uDansile asabe kumuvusa. Amangazwe ukuthi akambesile angene avule ikasi lezimpahla amubuke uDumsane uzitshela kuthi ufuna kuganga. Akhiphe ingutshana ayithola khona abuye amumbese. Acishe ugesi avale nomnyango aphume.

Dumi:”Fuck ngiyiziba njani impatho enje ngake ngambeswa nini na ngoba ngihlala ngiyozigangela nje ngibuye ngibanda ngilale njalo.”

Agcine sekazumekile uDumsane, ngale uDani akulaleki ukhumbule umyeni wakhe kepha makubuya lesithombe sakhe angena noMihla enkonzweni kaAmanda uyacasuka. Akhumbule amazwi kamawakhe kuthi akhuleke akabuyele eNkosini. Aguqe phansi uDani uvalo lumushaya ngathi uya kwi interview.

Dani:”Uyakwazi okuphakathi kimi Baba ngicela ungikhumbule nami anginawo amandla kanye namazwi Amen.

Umzimba usasebuhlungu ukukhahlelwa nokushawa….

***ISIQEPHU 23***

***KWANKOSI***

ULwesihlanu ntambama uCebile akakakhoni ukuyobona isthandwa sakhe esibhedlela ngoba kuyalungiswa kusasa abakwaKhoza bayeza. Bonke bajabulile selokhu kwandlula uAmanda bekugcwele umuncu kepha namuhla kunenjabulo. UNathi inhliziyo isabhibha ikakhulukazi intukuthelo. UbabMongezi yedwa omubonayo abanye abamuboni ngoba uyazihlekisa makaphakathi kwabo. Ebusuku uzithela ngamakha womkakhe alale ubuthongo.

USinalo naye kuyasiza ukuthandana noSbongile kumuqondisile yena akanakanga. Noma ayocula neband yakhe akasahlali aphuze. Uthatha lawo mabhodlela ambalwa abuyele ekhaya ewaphuza. Kukhale ucingo lwaCebile

Lwazi:*Ngingaphandle.”

Athuke ajabule fuuthi aphume amuvimbe ubabMongezi.

BabMongezi:”Uyaphi?”

Cebi:”Ngiyabuya baba.”

Aphume ngezinyawo ayibone imoto yesithandwa la ime khona, asuke ngejubane uLwazi aze ahleke yedwa aphume emotweni naye. Afike bahagane amuqabule.

Cebi:”Awushongo ngani ngikulande?”

Lwazi:”Sengila ngiphume izolo mawuqeda kuhamba nje.”

Cebi:”Awungitshelanga ngani ngikulande.”

Lwazi:”Kahle ngemibuzo elishumi nawe, mawusekhaya ugqoka izigcebhe ezinje.”

Azibuke uCebi bamoyizelelane

Lwazi:”Ngisheshe ngikhathale ukuma asingene emotweni.”

Bahlale ngemuva baqhubeke ngokuxoxa ujabulile uCebi akakhoni nokufihla, makalokhu exoxa ngobekwenzeka emsebenzini nasempilweni yakhe umubhekile uLwazi.

Cebi:”Ungikhamisele.”

Lwazi:”Unempilo kakhulu uma ujabulile sthandwa sami.”

Cebi:”Kusho ukuthi ngiyinikwa nguwena impilo.”

Kwazi:”Buyala.”

Baqabulane makayekela uCebi amudonse futhi baqabulane eside isikhathi babuye baxoxe baphinde baqabulane kuze kube mnyama.

Cebi:"Sekumele ngihambe sthandwa sami."

Lwazi:"Ngikukhumbulile futhi ngiyakufuna mina."

Cebi:"Uqeda kubuya esibhedlela nje umzimba usebuhlungu."

Amuqabule esiphongo

Lwazi:"Buya sthandwa sami ngibheke ukuthi kusasebenza nje, amuphulule uCebi athalaze.

Lwazi:"Ngeke basibone."

Baqabulane futhi afake isandla uLwazi phakathi kwelokwe amudlalise kwipunani.

Lwazi:"Gibela mama ngiyakucela."

Amukhumule uzibhu webhlukwe azehlise lona uLwazi alibeke ezinyawe libhajwe amabhutsi. Ahlale phezu kwakhe uCebile babhekane angalindi kuqabulana kuqala uCebile asibambe isitho sakhe asifice siqine ngendlela emangazayo nasebusweni akusasiye uLwazi. Azibambele yena azifakele kube nzima ukumufenda azenze ngekhinci kuze kube manzi bese uzixhumeka kuwo wonke. Baqume bobabili amufende.

Lwazi:"Kubuhlungu?

Cebi:"Cha, ngizokwanelisa wena unganyakazi ungaze uzithunuke."

Amoyizele baqabulane baze baqede umkhuba wabo belokhu bequma bazisule uCebi aphumele ngaphandle kwemoto azilungise uLwazi agqoke aphume naye. Bahleke mabafika la ngaphandle.

Lwazi:"Ikhanda lami kudala lagcina ukusangana kanje."

Cebi:"Unelile?"

Lwazi:"Kuphumile lokhu bekungihlupha kakhulu manje kushoda kuthi ngizidelise ngenkosazana yami."

Cebi:"Kusasa uzoba umyeni wami?"

Lwazi:"Awazi ngijahe kanjani ngiyakuthanda Angel."

Cebi:"Nami ngiyakuthanda."

Amuphelezele ngezinyawo beme kancane esangweni aqhamuke uNathi nobabMongezi emva kwabo basuswe ukukhanya kwemoto. Ayingenise uNathi behlike eze kubo.

Nathi:"Ndoda wena uphume nini?"

Lwazi:"Ngiphume izolo bhuti."

BabMongezi:”Ngiyajabula kukubona ndodana, ngiyabonga futhi ngokusindisa uCebi.”

Babhekane banoCebi bese ubuka ubabMongezi avume babuyele endlini nabo bavalelisane ayongena emotweni yakhe….

***__AMMALOBOLO__***

Makusa nje besaphithiza endlini bafike abakwaKhoza bakhuleke. UbabMongezi ubize amadoda amabili wakwaNkosi kepha abasiye umndeni. Ahambe aye egunjini likaCebi amufice bekhala nomawakhe amangale angene avale umnyango.

BabMongezi:”Kwenzenjani?”

Bayekane bazisule izinyembezi

MamGugu:”Izinyembezi zenjabulo futhi siyabuzana ukube uAmanda ukhona ngabe ugcwele yonke lendlu.”

Cebi:”Uyakhumbula mama ngenkathi athi ku anti Smangela ‘wena ngizokutrabha mina uhambe uyokhalela uyihlo lo onamehlo alengayo.”

Bahleke bonke

BabMongezi:”Kusho ukuthi mina angimazi lowo Amanda.”

MamGugu:”Haaaa abekusaba wena kakhulu.”

Ahlale phansi ubabMongezi kuvuleke umnyango uNathi noSinalo bangene nabo.

Sinalo:”Kunomhlangano esiingawazi thina makhanda alomndeni.”

MamYoli:”Hhey anisiwo amakhanda la kukwami nina nizoba makhanda emizini yenu le.”

Sinalo:”Simakhanda mama.”

MamGugu:”Nali ikhanda lalomndeni.”

Akhombe ubabMongezi abheke phansi, umamGugu kudala afuna babatshele kepha ubabMongezi usasaba.

Sinalo:”Hawu ikhanda elilala ngaphandle.”

Nathi:”Ulala nalo yini ngaphandle kuze ubone ukuthi ngempela ngempela lilele la ngaphandle.”

BabMongezi:”Ufuna ukuthini?”

Nathi:”Baba siyabona kodwa salani senisikhulula.”

Bathule ubabMongezi abheke uCebi asukume amuvimbe uSinalo.

BabMongezi:”Yini manje?”

Sinalo:”Khuluma khehla seningenene noma kanjani ngeke silokhu sifunda ezincwadi ezivaliwe la.”

Bahleke nomamGugu

BabMongezi:”Suka ngiyofaka abantu bakwaKhoza kunini bakhuleka.”

Sinalo:”Cha khuluma mntomdala.”

NoNathi ayoma celeni kwabhuti wakhe ahleke ubabMongezi

BabMongezi:”Sewaphelele amandla enu ngoba ngizophuma manje.”

Nathi:”Zama sibone.”

Basunduzane lapho umamGugu uyahleka benoCebi.

BabMongezi:”Okay fine umawenu uyisithandwa sami fuseganike.”

Sinalo:”Mana baba manje kumele uyomulobola bese niyashada?”

MamGugu:”Yekani ubhuti nina ahambe bamulindile.”

Bamudedele uSinalo aphume naye  uNathi asondele embhedeni azohaga uCebile.

Nathi:”Uziphathe kahle nana emzini uhloniphe noLwazi.”

MamGugu:”Uthi ngangazi liyoke lifike lelanga wena uvumela uCebile nomfana.”

Nathi:”Indaba uLwazi ungibonisile ukuthi ngeke amuhluphe masebashadile uzomunakekela.”

Babuye ubabMongezi noSinalo.

Nathi:”Hayibo.”

BabMongezi:”Mana Cebile uKhoza ngake ngamubona aphuma la ekuseni ngitshele ubumuvalela la?”

Babhekane abe namahloni uCebi uNathi ahleke

Nathi:”Hhayi baba kahle amagqubu asambeni.”

Sinalo:”Hhayi kumele ahlawule phela makunjalo.”

Nathi:”Wena kusho ukuthi mzukwana ushada noSbongile uyohlawula impilo yakho yonke ngoba uhlala ulapho.”

BabMongezi:”Phendula sesi.”

Abheke phansi uCebile

Sinalo:”Angithi ngikutshelile mina iqiniso yekela uCebi ngeke akutshele, ulale la ekhaya kabili. Okokuqala ngaze ngamfihlela imoto yakhe kuthi ningayiboni.”

Cebi:”Haaaa Sinalo nguwe nje owamubiza ngenkathi ngingamkhulumisi.”

Sinalo:”Lokho akusasebenzi dade okusalayo walala okwesibili ilenkathi sihlaselwa.”

UmamGugu yena uchazwa indlela izingane zakhe ezikhululeke ngazo kubabMongezi. Uyadlala nazo abuye azilwise maziphuma endleleni ngendlela umzali enza ngakhona. Baphume sebahamba bonke abuyele kusofa ahlale ubabMongezi.

BabMongezi:”Bangenise.”

Aphume uSinalo ayovula isango abangenise uKhoza ubaba Lwazi, uMsizi kanye nomalume kaLwazi nobabomncane wakhe. Bahlale phansi babukane benze abeze ngako. UDeliwe umatasa ekhishini benoSbongile

Deliwe:”Cha uCebile unomngani oqotho ufundiseke kahle.”

Sbo:”Ngiyabonga ma.”

Deliwe:”Sesiqedile manje kumele uphume ngalomnyango uyongena ngale uzomuphelezela mabamubiza.”

Sbo:”Ithi ngicishe la kuqala.”

Deliwe:”Asambeke.”

Baphume belandelana bayondlula ngale emva kwendlu bangene la abangene khona abakhongi kodwa abababoni ngoba basegunjini lokuphola. Bangene egunjini laCebi usahlezi nomawakhe, ashalazele uSbongile.

Sbo:”Sanibonani ma.”

MamGugu:”Yebo sesi.”

Deliwe:”Sisi nangu umngani wakhe uzomuphelezela mabamubiza.”

Amoyizele umamGugu amubheke nokuma kahle

MamGugu:”Cebile nika lentombi kaSinalo iduku nento ende angazi ngoba unezinqe yena kuzomlingana na.”

Amubheke uDeliwe

Deliwe:”Niyangilahlake manje intombi kaSinalo?”

Ashalazele uSbongile uCebi amuhleke acinge impahla. Ashaye izandla uAnti wabo.

Deliwe:”Hhayi anginawo amade.”

MamGugu:”Gqokisananike mantombazane kudala baxoxa bazonibiza manje, asiphume sesi.”

Deliwe:”Kuneso loku komfana bo.”

MamGugu:”Usho ngani?”

Bakhuluma bayaphuma

Deliwe:”Ayiwusabi umsebenzi lengane.”

Asale adonsa umoya uSbongile mabaphuma

Cebi:”Zama lokhu masifika le kumele singababuki nami noma ngiphendula akumele ngibabuke.”

Sbo:”Ohhhhh uyajabula yazi Cebile masenifike la.”

Cebi:”Nawe usufuna kushada?”

Sbo:”Kuyahalisa nje ngoba ngila ngizwa nami ngathi ngikulungele.”

Cebi:”Zinike isikhathi nifundane kodwa selokhu nindawonye uSinalo ubonisa ukukhula.”

Bababize bahambe babheke phansi vele bafike bahlale phansi

BabMongezi:”Cebile uyabazi labantu?”

Cebi:”Eya baba ngiyabazi.”

BabMongezi:”Kulungile ningahamba.”

Basukume uMsizi ubheke uSbongile uyamufanisa manje ngoba ubheke phansi akamuboni kahle. Makafika egunjini lakhe uCebi abhalele uLwazi umlayezo

Cebi:*Bab Khoza.”

Lwazi:*Sebaqedile?”

Cebi:*Yebo.*

Lwazi:*Ohhhh mam Khoza, ngiyakuthanda.*

Luqhubeke usuku nabakwaKhoza bahambe kepha bamushiye umakoti wabo, bathembisane kuthi bazobonana masekuhlwile nomyeni wakhe. Basale kwaNkosi kulokhu kujatshuliwe nje ubabMongezi wenza umsindo namadodana akhe. Kukhale ibheli uDeliwe ayoliphendula bamubone athuka.

Deliwe:”Bhuti nangu ubaba esangweni.”

Nathi:”Ungamungenisi baba.”

BabMongezi:”Makangangeniswa uzodonsa amehlo abantu akangene.”

Sinalo:”Mangabe uzosiloya la ngezulu?”

BabMongezi:”Ngeke kusebenze.”

Amubheke uSinalo ubabMongezi akukho akusabayo kukho konke uyazethemba amehlo abo ahlangane. Abone ubabMongezi ukuthi uyazibuza uyaziphendula asukume ubabMongezi avule umnyango. Abalinde behle emotweni uhamba nomawakhe noSmangela kanye noButana………

***ISIQEPHU 24***

***KWAKHOZA***

MaKhoza:”Manje sengiqala ukukhathazeka bangabuya nje.”

Bongiwe:”Bazobuya ma.”

MaKhoza:”Ndodana namanje angikhoni ukuzwisa kungani ungahambanga umuzwise ubuhlungu umfowenu kanti ungubhuti wakhe omdala.”

Bongiwe:”Abengazizwa kahle ma.”

MaKhoza:”Akukho okubalulekile bekazokwenza ukuzihlalela nje abekhona bobaba yibona bebazolokhu bakhuluma, ngikuthukuthelele wena.”

Mholi:”Ngiyaxolisa mama hawu bengingafuni ukumosha umsebenzi womntwana ngilokhu ngiya endlini encane”

MaKhoza:”Kulezinsuku anginitholi kahle nobabili kwenzenjani?”

Bongiwe:”Siye saxabana mama kodwa sesilungisile.”

MaKhoza:”Hayisuka manixabene kumele nibhocobale kanje kudala nazana into engingayilindela kuLwazi nomkakhe leyo ngoba abakazani kahle.”

Mholi:”Mama kunomsebenzi engiwuthole eChina kumele ngihambe yiyona into beyingihlupha.”

MaKhoza:”Ikuphike lapho?”

Mholi:”Phesheya.”

MaKhoza:”Hawu kodwa ndodana niqeda kubuya ekhaya ninenkosikazi yakho umfowenu ubuya esibhedlela usanidinga.”

Mholi:”Yingakho bengibhocobele ngoba angifisi ukuhamba.”

MaKhoza:”Ungawuthathi lowo msebenzi ndodana uzowuthola omunye.”

Mholi:”Kudala kwasa ngifunana nomsebenzi mama uBongiwe angakutshela ngondliwa nguye nje.”

MaKhoza:”Phesheya ndodana thina sizokubona nini?”

Mholi:”Ngizohlela le masengazi ukuthi ngizongena kanjani emsebenzini, bekumele ngabe ngihambe kulesonto elendlule manje besengilinde usuku lwaLwazi.”

UBongiwe ngoba uyazi bayabaleka nomyeni wakhe  uyakhala manje  abazi muntu lapho eChina. Indlela umyeni wakhe amubabaza ngayo lospoko iyasabisa impela, uMholi akafuni ukufaka umndeni wakhe ebungozini.

MaKhoza:”Buka umakoti uyakhala ndodana angikaze ngimubone enje yekela lomsebenzi.”

Mholi:”Ukhaliswa ukuthi uzohamba abekude nomndeni wakhe, mama kumele ngiwuthathe lomsebenzi ziningi izinto okumele ngizilungise empilweni yami.”

MaKhoza:”Umtshelile ubaba wakho?”

Mholi:”Cha ngizobatshela bonke mababuya.”

Babe bangena nomsindo bancoma  uLwazi bafice abantu bebhocobele kanti bebamubona uMholi sonke lesikhathi.

Khoza:”Sesibuyile noKhoza sekanenkosikazi.”

MaKhoza:”Ngiyakubongisa ndodana ukhethe kahle, bathini ngomshado?”

Msizi:”Hhawu bafuna indumezulu kuyacaca ukuthi uCebile uyingilazi lapha kubo bonke abafuni ngaye, bonke bafuna ukusiza ngokuthile.”

MaKhoza:”Makeze nala ekhaya uzoba yingilazi.”

Khoza:”Hawu makoti amehlo wabomvu nje Mholi umenzeni?”

MaKhoza:”Ithi nginiphakele uMholi ufuna kukhuluma nani.”

Babomncane:”Ewu sidlile sisi sesixegise namabhande ngenxa yokunwebeka kwezisu.”

MaKhoza:”Kusho ukuthi thina sipheke mahhala.”

Khoza:”Uzokufakela bobhuti okusalayo sizokudla ntambama sesiyolala.”

MaKhoza:”Nimushiyeleni manje umakoti wethu?”

Malume:”Haaaaaa ubaba wakhe unqabile wathi sizomuthola emva komshado.”

Bahleke bonke uKhoza abheke indodana yakhe yokuqala

Babomncane:”Ayyy ndodana usazolala wedwake.”

Malume:”Hhayi akamushade ngokushesha.”

Babomncane:”Uyaliqinisa ikhanda ubaba wakhona.”

Malume:”Uyasabeka futhi angimazi umuntu onesithunzi esinje.”

Khoza:”Ndodana umawakho uthi kukhona ofuna kukukhuluma.”

Kukhale ucingo lwakhe alubambe ngathi abeligadile.

Mholi:"Praat."

Uphendula uyaphuma angafiki nasemnyango aluvale abheke uBongiwe agijimele egunjini labo amulandele uBongiwe. Babukane uMsizi noLwazi mabathi bayabalandela baqhamuke nezikhwama zabo.

MaKhoza:"Mholi."

Mholi:"Ngiyaxolisa ma."

Aye kubaba wakhe amunike isandla azithulele uKhoza angamuxhawuli.

Mholi:"Khoza, Mkhathini, Bhovungane wangifundisa ukuthi indoda uma yonile kumele izilungisele amaphutha wayo. Ngeke ngichaze ukuyaphi ngoba sengishawa isikhathi kodwa ngicela wazi ukuthi ngiyolungisa amaphutha wami. Ngiyakuthanda baba."

Athinteke uKhoza amuxhawule uyayazi indodana yakhe ukuthi iyisigebengu manje uyabona ukuthi ubalekela amaphoyisa. Acwebe izinyembezi emehlweni umntomdala akazi noma usazoyibona na inkosana yakhe, izibulu lakhe, wamuqamba kuthi unguMholiwesizwe ngoba wayemufisela okuhle namandla.

Makaya kumawakhe angavumi kumuhaga abaxhawule bonke abobhuti bakhe abahage.

Lwazi:"Kwenzakakani bhuti?"

Mholi:"Ngicela nibheke uDansile uyasidinga, ninakekele nomama ngiyanithanda boKhoza."

Kwehle izinyembezi kuLwazi abahage bobabili agcine sekahage uLwazi kuphela. Baphume makafika emnyango aphenduke abheke umndeni wakhe inhliziyo yakhe ilangazelela kubona udadewabo uze wathumela abantu emaphoyiseni kuthi bayomuncengela yena.

Khoza:"Mholiwesizwe."

Mholi:"Ba."

Khoza:"UMsizi asiyise khabo lengane?"

Abheke inkosikazi yakhe ime celeni kwemoto iyakhala.

Mholi:"Umama wengane waziwa ngoLucy bahlala ePitoli igama lengane uQhawekazi umamncane wayo bahlala ndawonye uNokuthula."

Khoza:"Bhovungane."

Mholi:"Mkhathini."

Aphume ayogibela emotweni ayisuse njengo hlanya mayisithela imoto afulathele noKhoza ayongena egunjini lakhe. Amulandele umaKhoza makangena asikhihle isililo azozilahla embhedeni.

Khoza:"Uyazi nkosikazi abantwana siyabazala sibakhulise ngengqondo yethu bese nabo baba neyabo ingqondo benze okujabulisa bona. UMholi kudala ngimusola ukuthi uyisigebengu, kanye nalomkakhe. Manje ungathola ukuthi babalekela amaphoyisa."

MaKhoza:"Bazoyidubula ingane yami ife baba."

Khoza:"Kubuhlungu kepha makafile uyobe efele emsebenzini wakhe, sizomulanda simungcwabe. Ungakhali kangaka namuhla besamukela umakoti asingamutheli ngezinyembezi."

Azibambe azisule amehlo

Khoza:"Gqoka izibuko zakho ngiyazi umakoti waLwazi uzosilandela."

MaKhoza:"Bona bayathandana."

Bazilungise babuyele kuyohlala nomndeni wonke uMsizi noLwazi sebahlezi ngaphandle.

Lwazi:"Kwenzakalani ngobhuti vele?"

Msizi:"Ngifisa ukwazi nami bafo ngifisa ukwazi."

Lwazi:"Kuhamba njani emsebenzini?"

Msizi:"Kuhamba kahle, unezisebenzi ezihloniphayo kodwa lentombazane ekhulelwe hhayi ayingazi nje ngiwubani."

Lwazi:"Ubani okhulelwe emsebenzini?"

Msizi:"Uyasifihla nami ngibone ngoba ngimubhekisisile."

Ahleke uLwazi.

Lwazi:"Usho uSiza?"

Msizi:"Yebo bamubiza kanjalo."

Lwazi:"Loyo ngicabanga ukumudedela sekenze izinto eziningi ngilokhu ngimubekezelela."

Msizi:"Awukwazi kuvele umxoshe kuncono umunike izexwayiso kuqala uzibhale phansi zizothi zingaba ntathu bese uyamuxosha."

Lwazi:"Unazo ezimbili."

Msizi:"Munike enyeke yokungeyisa ngoba wangithuka bonke babuka athi ngiyisilima angiwazi umsebenzi."

Amangale uLwazi kukhale ucingo,lwakhe aluphakamise.

Lwazi:"Mfo."

Sinalo:”Hhayi ungangibizi ngomfo woza uzozilandela umkakho. Mina ngiphuthumele emculweni ngishiwe isikhathi ubaba uthi ngimuphelezele akafuni ahambe yedwa.”

Lwazi:”Uya kuphi?”

Sinalo:”Ucele kubaba kuthi ufuna ukuza kini, shesha ndoda mina ngizomehlisa ekhoneni.”

Amoyizele uLwazi asukume uMsizi umuzwile uSinalo angabuzi nokuthi uyaphi azimoyizelele nje. ULwazi angene endlini sekagijima nenjabulo isemehlweni athathe ukhiyo.

Khoza:”Hhey uyaphi wena mfana?”

Msizi:”Ulanda isthandwa sakhe.”

Khoza:”ULwazi angasifaki enkingeni bathe umkakhe uzoza sekashadile nje.”

Msizi:”Uzicelele kubaba wakhe wavuma manje bathi ubhuti wakhe akamulethe nguye oshayele uLwazi kuthi akalande isthandwa sakhe.”

Amoyizele umaKhoza

MaKhoza:”Uyabona baba uLwazi uhawulile empilweni manje sekaphakathi komhlane nembeleko iyamuthanda lentombazane ayizenzisi.”

Bobabomncane sebahambile basele bodwa nje, ngempela abuye uLwazi nesithandwa sakhe. UmaKhoza ahluleke kuzibamba alilizele kudume indlu yonke. Nomakhelwane alilizele ngale kwakhe masekehlile uCebile emotweni muhle futhi uyafaneleka izimpahla azigqokile  zesintu. ULwazi umoyizela akaqedi celeni kwakhe maye uyayithanda inkosazana yakhe. Bangene endlini amuhage umaKhoza injabulo nje, uLwazi athathe isikhwama sakhe ayosibeka egunjini lakhe ngaphandle.

MaKhoza:”Ubusudlile sesi?”

Cebi:”Yazi kuyaphithiza ekhaya ngikhohlwe nokudla ngilambile vele ma kodwa ngicela ukuzenzela.”

MaKhoza:”Cha ngizokuphakela sesi hlala phansi ngiyacabanga ukhathele.”

Khoza:”Wake wamubona umamezala aphakela umakoti hhayi mntanami hamba uyomugada uzokufakela umabaleka emendweni.”

Bahleke bonke uMsizi makabona injabulo yabhuti wakhe omncane yothando naye azithole sekakhumbula uYoliswa yize bathembisene kuthi bazobonana makaqeda ngesahlukaniso sakhe. Akhiphe ucingo lwakhe amubhalele umlayezo.

Msizi:*Ngiyasazi isithembiso kodwa inyanga iyophela kudala phela usuku lokubuyela enkantolo lungezi 3. Ngicela ukukuntshontsha bandla inkumbulo iyangibulala ngihluleka nokuzibamba manje.*

***ISIQEPHU 25***

***KWADUMSANE***

Ekuseni aphaphame uDumsane acabange usesi wakhe akazi nokuthi sekaphumile esibhedlela. Avuke uhamba ngezimbambo aye endlini encane afike avule athuke uDanisile uyazigcobisa kunendishi enamanzi celeni kwebhakede letoilet. Athuke eme babukane ngesikade athathe impahla phansi uDanisile azivale.

Dumi:”Ngiyaxolisa.”

Avale umnyango sekaxakekile uphazamisekile ubone owesifazane enqunu, aphumele ngaphandle ayosebenzisa langaphandle. Aphume ageze izandla eme phakathi negceke inja yakhe ilokhu imujabulela imugxumela.

Dumi:”Kumele abuyele kumyeni wakhe ngingakangeni enkingeni endlulele.”

Ezwe cingo lwakhe lukhala abheke emuva uDanisile olilethayo amubuke aseza aze afike kuye.

Dani:”Ucingo lwakho luyakhala.”

Aluthathe

Dumi:”Ngiyabonga, hamba uyogqoka ngizokuhambisa.”

Afune kukhuluma uDanisile kodwa afulathele uDumsane abheke ucingo lwakhe usisi wakhe bekamushayela. Amushayele futhi  alubambe.

Dumi:”Sesi.”

Abuyele endlini uDanisile asale amubheka uDumsane aze angene endlini.

Yoliswa:”Hayibo bhuti wathula manje.”

Dumi:”Eish uxolo sisi kukhona bekungiphazamisa.”

Yoli:”Ngizwa bathi usuphumile esibhedlela ngitshelwe ilenesi bengihlala ngikhuluma nalo uma ngingakhoni kuzokubona, kungani ngingazi?”

Dumi:”Bengizokushayela kukhona okungiphazamisile.”

Yoli:”Bekumele uze kwami uzolulamela khona nje.”

Dumi:”Ngikahle sisi kumele ngidle ngiphuze amaphilisi ngizobuye ngikushayele.”

Avale ucingo lwakhe angakaqedi kukhuluma usesi wakhe abuyele endlini. UDanisile usekhishini kunephunga lokudla elimnandi. UDumsane uyayisaba indlala ikasi lakhe

lokubandisa lihlala ligcwele inyama. Namanje upheka yona uDanisile, amubheke makangena yena uzibukela ubuhle aswabe uDanisile.

Dani:”Ngizohamba mangiqeda la indlela engikubonga ngayo le ngokucisha icala.”

Dumi:”Kulungile ngiyaxolisa ngokungena ngingakokodanga endlini encane.”

Dani:”Ujwayele kuhlala wedwa ngiyazwisisa.”

Dumi:”Ngisayosplasha.”

Dani:”Nawa amanzi okugeza sengikubekele ngeke ukhone ukugoba ngizokuthelela.”

Dumi:”Ungakhathazeki ngizokhona masohambile ngizokwenza njani.”

Dani:”Please.”

Athule uDumsane amuthelele amanzi

Dani:”Ugezela kuphi?”

Dumi:”Egunjini lami.”

Awamukise amulandele uDumsane alinde emnyango aphume bese uyangena abonge.

Dumi:”Ngiyabonga.”

Ahambe ayoqhubeka nokupheka aqede uDumsane sekagqokile amateki akawabophanga ujwayele ukuhlala kusofa bese ufasa izintambo. UDanisile makamubona asondele aguqe ngamadolo athi uyamufasa. Nakuye kunzima umzimba ubuhlungu ngenxa yokukhahlelwa  kodwa akufani nakuDumsane okwakhe.

Dumi:”Cha ngeke ngiyivumeke leyo, ngiyazi uyasiza nje uyabonga futhi kodwa sekwanele sisi.”

Asukume ayomuphakela naye sekalambile

Dumi:”Yoooo kahle nkosikazi yomuntu uzongijwayeza umkhuba manje.”

Dani:”Ayikho inkinga ngempela, ngiyathemba ayibabi lenyama.”

Dumi:”Wena sodlile?”

Dani:”Yebo ngidlile besengilambile yingakho ngiphekile nje.”

Dumi:”Kumele ngime emgwaqeni njalo moso uzongishayisa mangizotototoswa kanje.”

Amoyizele uDanisile

Dani:”Hawu kahle ngehaba, ngisayogqoka izimpahla zami ngiwashe lezi zomshanna wakho.”

Dumi:”Ungaziwashi khululeka, ngiyabonga ngokudla.”

Dani:”Kubonga mina bhuti.”

Afulathele amubuke uDumsane aze ayongena egunjini amoyizele yedwa anikine nekhanda. Emva kwesikhashana abuye uDanisile sekagqoke izimpahla afike azigqokile uDumsane ufisa ngathi angahlala kancane uyakujabulela ukuba naye. Hhayi ngoba emuphekele kepha ukubakhona kwakhe kukhona okwenzekayo phakathi kuye. Ujabulile wanele ngaphakathi kuye.

Dumi:”Usuyahamba?”

Dani:”Eya umndeni wami uzoya kongifuna bangangitholi bazokhathazeka.”

Dumi:”Ubani igama lakho?”

Dani:”UDansile Khoza.”

Dumi:”Wendele kwaKhoza?”

Anikine ikhanda

Dani:”Ngishadele kwaKhumalo.”

Dumi:”Kanjalo phela akusamele ubize isbongo sababa wakho, usubiza esomyeni wakho.”

Amoyizele okungatheni uDanisile amehlo agcwale izinyembezi makacabanga isimo esimulindile kwakhe.

Dumi:”Ingabe konke kukahle?”

Dani:”Ngikahle bhuti.”

Dumi:”Ngicela inombolo yakho.”

Dani:”Ucingo lwami alusebenzi nalu aluvuleki.”

Dumi:”Ngingakunika eyami uma kukhona okudingayo ungishayele.”

Dani:”Ngeke ngikuhluphe emva kwalento esengikwenze yona.”

Dumi:”Senzene kahle kahle angithi nami ngikufake ejele.”

Agobe umlomo wakhe uDanisile aheheke uDumsane kepha akuzibe.

Dumi:”Uma ufuna kuhlala kancane mhlawumbe uze ubekahle ebusweni anginayo inkinga.”

Uyafuna ukuhlala vele uDanisile ngoba akanawo umdlandla wokuphendula umndeni wakhe noma ukubhekana nomyeni wakhe. Abe namahloni kodwa akafuni kube ngathi ubalekela isimo sakhe.

Dani:”Cha kuningi okumele ngibhekane nako emzini wami.”

Dumi:"Nawu ukhiyo emva kwakho asambeke."

Awuthathe amunike baphume bangene emotweni

Dumi:"Yazi angikaze ngibe duzane nomuntu onomoya omuhle nje ngewakho."

Dani:"Uzwakala njani umoya womuntu kodwa?"

Dumi:"Uma uduze naye uba nokuthula nje noma unezinkinga eziningi kodwa ukuba khona kwakhe ngathi ziyashabalala."

Dani:"Phela uma lokho kuliqiniso kusho ukuthi nawe unomoya omuhle ngoba nami ngilale kamnandi, nginokuthula nje kodwa izinkinga zami zindlula ulwandle."

Dumi:"Izinkinga zemali noma impilo?"

Dani:"Ezomndeni."

Dumi:"Kuzolunga siphila kanjalo ukhumbule uma ufuna indlebe ungishayele buka angisakunikanga inombolo yami."

Dani:"Nami ngikhohliwe, wena uhlala nobani?"

Dumi:"Ngihlala ngedwa umndeni wami usesi wami kanye nomshana indodakazi yakhe, asinababa, asinamama lutho."

Dani:"Ohhh phephisa kwaze kwakubi lokho."

Dumi:"Wena unomndeni ongakanani?"

Dani:"Abazali bobabili bobhuti abathathu namakhosikazi abo, ubhuti omncane abelobola nje."

Dumi:"Uyajabula mina engikulangazelela kakhulu abobhuti nothando lwabazali kodwa akusenani sengikhulile."

Dani:"Kuzomele uthathe nibe nezingane ungakagugi lowo kuzoba umndeni wakho."

Dumi:"Umuntu otshontshe inhliziyo yami sekathathiwe ngimubone emva kwendaba, manje angisenalo ithemba."

Dani:"Uzovela omunye mhlawumbe lo izinto bengeke zilunge."

Dumi:"Cha nguyena akekho omunye angikaze ngizizwe ngalohlobo futhi azange kengizitshele ukuthi mina ngizolangazelela kuhlala nomuntu wewifazane."

Dani:"Manje wena ayikuxaki imizwa ungafuni ukuthatha nje."

Dumi:"Mangithatha phela ngizobe ngingathatheli ukunelisa imizwa ngizothatha ngoba ngihehwe uthando. Imizwa ilandela emuva."

Dani:"Udoja umbuzo wami ayikuxaki imizwa manje na?"

Ahleke uDumsane abuke indlela athule kancane.

Dumi:"Imizwa ikhona inezinsuku zawo nje kodwa ayihlali ikhona."

Dani:"Wenzanjanike lolo suku malufika?"

Dumi:"Sisi kahle maan inzima lento ongibuza yona."

Ahleke uDanisile

Dani:"Uyabaleka ngiyakubona, jika kulomgwaqo wesibili."

Dumi:"Yazi ngihle ngakusola ukuthi wena ungumlungu omnyama udla izambane likapondo uhlala ngapha?"

Dani:"Ahhhh lemizi emihle mina ngifundile ukuthi ayibalulekanga uma ungajabulanga."

Dumi:"Uma ungajabulanga uze ekasi lami ePhungwayo uzopholisa ikhanda."

Dani:"Ikuphi manje lapho?"

Dumi:"La esibuya khona angithi la ise Midstream estate lena isePhungwayo kwaziwa kanjalo nje."

Dani:"Ngiyabonga bhuti ngokungilalisa, sesifikile ikhona la."

Dumi:"Muhle umuzi wakho umyeni wakho ume kahle."

Dani:"Uhambe kahle ngicela uphuze kahle amaphilisi ngoba mangisakubona ubhandishe kanje ekhanda uyangibulala unembeza."

Dumi:"Khululeka ngizozinakekela uhambe kahle nawe lenkinga ungayifaki enhliziweni yakho izokumosha, usale kahle muntu omuhle."

Ehlike uDanisile amuvalelise uvalo lumuthi heqe. Yebo muhle umuzi wakhe kepha akasakujabuleli ukuza kuwo. Isango livulekile kancane uhlala alenza kanje uNsizwa makukhona lo osebenza engadini. Makangena vele kukhona yena usapeta amubingelele andlule umnyango awukhiwanga angene.

Ezwe nje asangena ukuthi unomuntu wesifazane bayakhuluma bakhululekile azidonse azithele kubo bahlezi kusofa bagonene. Aphele amandla aziqinise umuzi wakhe lona

Nsizwa:"Namuhla anihaleli kushawa umoya?"

Mihla:"Ngiyavilapha nje ngathi ngingalala usuku lonke."

Nsizwa:"Kulungile lala mina ngizophuma ngiyobheka esitolo."

Mihla:"Usiphathele uyazi sithanda ini."

Nsizwa:"Sebaze bayangazi eKFC ngifana netwister nje."

Bahleke babhekane kube khani babona uDanisile emile uyamele ngobonda, asukume ngokushesha uNsizwa. UMihla kuvele kuthi akafe nya, asondele amuhage uDanisile angamuhagi.

Nsizwa:"Uphume kanjani?"

Dani:"Emzini wami Nsizwa, awusangifuni ngaleyo ndlela vele uze umuletha emzini wami Nsizwa."

Iphimbo lakhe liyaqhaqhazela ngoba afuna ukukhala amufulathele akhuphuke uMihla angamubuki nhlobo. Amulandele uNsizwa

Mihla:"Nsizwa my cravings."

Nsizwa:"Ngiyabuya."

Asale acasukile uMihla ayongena egunjini labo uNsizwa……

***ISIQEPHU 26***

***KWANKOSI***

Bangene bahlale phansi ubabMongezi umile ngezinyawo, ngaso sonke isikhathi makabheka umawakhe uba nakho kumujabulela kepha sekajwayela ukukufihla lokho. Babukane iso likababomkhulu wabo libi, elikaButana noSmangela nalo umawakhe nje omoyizelayo. Abone lapho ubabMongezi ukuthi baseze ngendelelo.

Mkhulu:"Ninjani ndodana?"

BabMongezi:"Siyaphila."

Mkhulu:"Vele usuthathe umuzi wamfowenu wazenza yena usifihlela izinto."

BabMongezi:"Nginifihlelenike manje?"

Mkhulu:"Sibone emaphepheni ukuthi umakoti woNkosi uphumulile senize nimubekile, ukubona kukahle lokho?"

BabMongezi:"Ngakhohlwa kunazisa."

Smangela:"Unamanga wena ubujabulele ukufuqana notshwala yingakho ungazange usazise, uDeliwe naye umukhohliwe?"

BabMongezi:"Ngingamukhohlwa njani usesi wami sibuya esendeni elilodwa mina naye."

USinalo abambe uhleko babhekane benoNathi.

Mkhulu:"Habe Mongezi emva kokukukhulisa ube ngaka ususikhiphela phandle."

Smangela:"Ilemali kabhuti le emuchomisayo."

BabMongezi:"Kukhona okunye Nkosi?"

Kuvele uCebile usavunulile azithele kubo afise nokujika kodwa aqhubeke afike ayohaga ugogo wabo bese uyohlala celeni kwabobhuti bakhe.

Cebi:"Sanibonani."

Gogo:"Wagqoka kahle kanje mzukulwana wami ngathi umakoti."

Cebi:"Ngiyabonga gogo."

Gogo:"Ubuhambile na?"

Angaphenduli uCebile abheke ubabMongezi

BabMongezi:"Mama bekalotsholwa uCebile namuhla."

Sizwe ubuhlungu isalukazi phela umzukulu wakhe lo wentombazane yena yedwa phakathi kwababafana. Nalezingane ezigcwele isizwe ezenziwa uButana abafana kuphela.

Gogo:"Hawu kodwa ndodana waze wangizwisa ubuhlungu lomndeni usuhlukene phakathi kanjalo vele? Gugulethu makoti wami sesi yini na."

Ashalazele umamGugu

MamGugu:"Siyaxolisa ma ukuthi asisazi thina okumele sikwenze ngoba njalo masihlangene kuba nomsindo."

Umkhulu uyathuthumela yena intukuthelo

Mkhulu:"Nani bafana kunzima kini ukuthi nisicabange nisishayele ucingo, umzukulu ulotsholwa kubani umndeni wakhe ungaphelelanga. Ulotsholwe kwabani Cebi?"

Cebi:"KwaKhoza."

Ashaye izandla uSmangela kuthuleke ugogo alokhu ebabaze njalo

Mkhulu:"Wena Mongezi kusho ukuthi usuphila la emzini wamfowenu njengendoda umungenile?"

BabMongezi:"Nkosi nizokwenzani la vele? Ngichazile indaba yokungcwatshwa kwaAmanda ukuthi ngikhohliwe ngaxolisa. Iphutha elenzekile ukuthi ngingatsheli umama ngomzukulu wakhe obelotsholwa lokhu okunye hhayi ngikwenze ngamabomu."

Smangela:"Heeee sashintsha isidakwa sesibona imali."

BabMongezi:"Smangela phinda futhi ungibize ngesidakwa uzongithola kahle."

Athule uSmangela noma edelela kepha ngaphakathi kuye uyamusaba ubhuti wakhe futhi uyazi ukuthi kukhona into anayo ngoba unesithunzi esisabisayo.

Butana:"Uzomenzani uke nje umuthinte."

BabMongezi:"Yazi anginaso isikhathi salento ngicela nihambe."

Mkhulu:"Uyazi ukuthi mangingafulathela la akukho okuzokulungela wena, makoti."

Aphakamise amehlo umamGugu

Butana:"Baba uyabona ilento bengiyisola uGugu udlisiwe ukuze avume kungenwa ilesidakwa umudlisile."

Anxaphe ubabMongezi aphume

Mkhulu:"Makoti ufuna izingane zakho zikhule kanjani, Nkosnathi, Sinalo."

Sinalo:"Ayyy mina ningangibuzi lutho ngijabulile nje."

Abuye ubabMongezi sekaphethe isibhamu

BabMongezi:”Hambani anizanga ngoxolo la kepha nizobeka imibandela yenu. Thatha umndeni wakho uhambe nawo.”

Basukume

Mkhulu:”Ukhomba mina ngesibhamu Mongezi?”

BabMongezi:”Ungacabangi futhi ukuthi ngeke ngisisebenzise manje nginiphahlaza amkhanda ngiyoniphosa emfuleni.”

Bangawakholwa amehlo abo

BabMongezi:”Usisokolisile sisakhula babomkhulu wasihlukanisa nomama, mina bengiyinto yokushawa njalo uphinde udlwengule noDeliwe. Awudeli kanti stabane sekhehla.”

Bathuke bonke bamubheke ngisho boButana bathuke bangafihli.

BabMongezi:”Mina ungizondela ukuthi ngangihlala ngimulwela usesi wami.”

Gogo:”Mongezi hhayi ithi uyadlala?”

BabMongezi:”Angidlali ma uke wazihlupha wathola ukuthi kungani uDeliwe angazange ashade okwesibili? Ayisuki lento ekhanda lakhe namanje akakabi kahle ileskhohlakali sendoda yakho.”

Gogo:”Kungani wawungangitsheli kodwa ndodana?”

BabMongezi:”Yingoba ubungasinaki kwawena ubungeke ukholwe ngazinakela mina izingane zikababa ngazikhulisela. Ngeke ngivume uze nalobunja bakho ezinganeni zami. Mawufuna zona zibheke zontathu uMongezi uzokucoba amathambo hamba nomndeni wakho manje.”

Akhale ugogo amusukumise umkhulu ubonisa kungafuni ugogo kodwa ahambe.

BabMongezi:”Uyahamba futhi mama uhamba naye emva kokuthi uzwile wayenzani indodakazi yakho ngokuphindelela usakhetha yena?”

Gogo:”Ndodana.”

Amungene emlonyeni

Mkhulu:”Asambeni ngeke ngihlalele ukuthukwa mina, ukhumbule ukuthi noma ingandizela phezulu amanzi iwaphuza phansi.”

Angaphenduli ubabMongezi babhekane emehlweni aphume abambe ugogo ngesandla bayongena emotweni yabo.

BabMongezi:”Sinalo vula isango.”

Sinalo:”UNathi oduzane kwelimothi.”

Abavulele uNathi baphume basale baduma amakhanda bonke ikakhulukazi ngendaba kaAnti wabo.

MamGugu:”Nkosi unesibhamu la endlini usenzani?”

BabMongezi:”Esokudlala Gugulami isbhamu saSinalo samanzi lesi.”

Amudubule ngamanzi amuthele ahleke uSinalo.

Cebi:”Baba ngicela ukuya kwaKhoza.”

Nathi:”Hayibo awuthi ngiyopaka.”

Afulathele aqonde egunjini lakhe.

MamGugu:”Ngoba kwenzenjani uyokwenzani lapho sesi?”

Sinalo:”Phendula uyokwenzani?”

Cebi:”Ngiyobona uLwazi akakalulami kahle nginokukhathazeka ngaye, baba.”

Abheke isthandwa sakhe ubabMongezi avume ngekhanda

Sinalo:”Uzozwake Sinalo muphelezele.”

BabMongezi:”Vele muphelezele.”

Sinalo:”Baba ngiya kocula.”

BabMongezi:”HHEY.”

Sinalo:”Asambe.”

Baphume sekashayela uLwazi ucingo basale babhekane bebodwa.

MamGugu:”Kungani ningazange nixoxe ngalento ubaba kumele aboshwe.”

BabMongezi:”Wayengafuni uDeliwe athi ngeke akhone kungena aphuma emaphoyiseni.”

MamGugu:”Ubuya kude nezingane zakini ubaba uyaziqhenya ngawe la akhona.”

BabMongezi:”Sekundlulile.”

MamGugu:”Ngaphandle kwakho bengeke baphumelele ngalohlobo, ngiyamubonga uNkulunkulu ngokungipha nami ithuba lokwazana nawe.”

Amoyizele ubabMongezi

BabaMongezi:”Ubongwa yimina ngawe.”

Bahlale kusofa aqamele umamGugu

MamGugu:”Ucabangani ngalohambo lukaNathi?”

Babmongezi:”Uyakudinga kushawa umoya uyamubona nawe akajabulanga.”

MamGugu:”Mongezi ngiyasola uyofuna ababulali uNathi akakuthandi kushiya ishishini noma ikanjani.”

BabMongezi:”Kukhona abazomlandela bamuqaphe khululeka.”

Aphakamise ikhanda amubheke ubabMongezi amuqabule esiphongo.

BabMongezi:”Sekumele ukhumule lenzilo manje.”

Amubheke umamGugu

MamGugu:”Ngifuna kuzila kuphele unyaka wonke mina.”

BabMongezi:”Ohk.”

MamGugu:”Ungathukutheli sthandwa sami into engazithembisa yona leyo.”

BabMongezi:”Kulungile Gugulami ngeke ngikujahe kepha kumele wazi ukuthi ngeke sisathintana mina akungihlali kahle kulokhu siganga kanti usazilile, futhi sowamukele neNkosi.”

MamGugu:”Uthini kimi?”

BabMongezi:”Iqondile lento engiyishoyo mina ngizokulinda uze ukhumule inzilo, ngathi ngidelela ubhuti ngilokhu ngiya egunjini lakhe inkosikazi yakhe isazilile.”

MamGugu:”Kumele ngenzenjanike mina?”

BabMongezi:”Uma uzilile sthandwa sami konke kuyazila, wena ubuzile ingxenye.”

Umuphendula uyamoyizela bagcine sebahleka bobabili, bahlale kanjalo bexoxa.

UNathi ngale egunjini lakhe sekalungise waqeda konke ahlale phansi abuke isithombe sakhe noAmanda somshado esilengiswe obondeni. Kwehle izinyembezi asukume ahambise isandla kuAmanda.

Nathi:”Ngiyawukhumbula umsindo wakho, uhleko lwakho nenkani yakho sthandwa sami, mama kaOkuhle. Igama elisekhanda lami lelo selokhu ngezwa ukuthi ubusukhulelwe. Ngiyazi ubungaluthandi udlame kodwa ubuthanda izinto zenzeke kahle ziqonde. Ngiyahamba manje ngiyobheka ababulali bakho nengane yami Okuhle wami. Ngiyakuthembisa sthandwa sami bazonya bangizwisa njani ubuhlungu obunje, bakuthatha kanjani duze nami. Masebatholakele ngizokholwa ukuthi wena ulele ngoxolo, kulungile nhliziyo yami.”

Akhale uNathi azisule kahle izinyembezi, uNathi sekehle kakhulu uyazama ukuhleka kodwa kunzima. Impilo yezingane zakubo iyamujabulisa ngoba bakhululekile akukho okuzomenza alokhu acabanga bona azikhathaza. Makaphuma egunjini lakhe nesikhwama kukhale ucingo lwababMongezi alibambe.

BabMongezi:”Sawubona”

“……………..”

BabMongezi:”Bengazi ukuthi uzokwenza lento engiyifunayo, ukuphi?”

“……………”

BabMongezi:”Kulungile ngiyeza.”

Asukume ubabMongezi uNathi amuxwaye kodwa angasho lutho.

BabMongezi:”Ngiyabuya mama kukhona okumele ngikulungise.”

Amuqabule esiphongo aphume umamGugu asale amangele phela uyaqala ubabMongezi kuvele aphume kanjalo angachazi ngokuphelele.

Nathi:”Ma sengiyahamba nisale kahle ngiyakuthanda.”

MamGugu:”Uhambe kahle mfanami ngicela ubuye uphelele.”

Nathi:”Ngiyathembisa ngizobuya ngiyilendodana yakho oyaziyo.”

Kudume isithuthuthu sikaSinalo, bayazi bonke ukuthi uSinalo uphume noCebile bagijime bayolunguza ubabMongezi.

MamGugu:”Ngiyakhathazekake manje uyaphi?”

NoNathi ufuna ukwazi

MamGugu:”Sekahlulwa ukuhamba ngemoto ujahe ngaleyo ndlela vele.”

Nathi:”Yehlisa umoya usale kahle ma ngiyakuthanda.”

Aphume naye agijima akhiphe nocingo aluchofoze abeke endlebeni asuse imoto ushayela ngesandla esisodwa.

“Sho.”

Nathi:”Nikuphi Mjay?”

Jabu:”Siyangena nje.”

Ezwe umsindo wesithuthu ngale

Nathi:”Ngicela nilandele leso sithuthu ndoda ungitshele nihamba kuphi ngizonilandela nami.”

Jabu:”Eyyy bhubesi landela lesthuthu.”

Sambulo:”Wake wabona itekisi ilandela isthuthuthu kodwa.”

Jabu:”Sindlula eTotal garage manje kodwa uyandiza lomuntu, uSinalo yini?”

Nathi:”Mubheke mjay anganidukeli noma ngingakutshela ukuthi ubani ngeke ungikholwe.”

Bahambe belokhu bekhuluma amutshela ukuthi sebahamba kuphi baze bafike

Nathi:”Ngilindeni lapho ngiyeza.”

Ezwe bababaza kuthi ubabMongezi lo

Jabu:”Hayibo ndoda ubabomkhulu wakho nje lona.”

Nathi:”Ngiyeza ngila ekhoneni.”

Avale ucingo afike apake celeni kwabo bamele buqamamana nala abakhomba khona. Ngathi kusemakhaya imizi ichelelene indawo la ongakhoni kubona ukuthi umakhelwane wakho wenzani. Bona bapake komunye umuzi wesithathu kulibangana nje.

Nathi:”Sho madoda.”

Amangale uNathi itekisi ligcwele ngomncwabo waAmanda kwakukhona uSambulo, uJabu kanye nalaba ababili athi izibari zakhe manje baningi bayafana nje.

Jabu:”Kuhambani ndoda?”

Nathi:”Ngisola ithayma kuthi abecinga ababulali naye, manje ngizobheka asingeneni.”

“Manje sizohamba naye singazi ungubani?”

Jabu:”Soqalile nizokwazi masiphuma la, uyeke lokuphapha lo akahleki.”

“Ngiyamubona iqembu laSipho noThabo.”

Bahleke uNathi abheke emuva

Sambulo:”Singangeni sonke ithi ngingene naye mhlawumbe ubaba uzozigangela la.”

Nathi:”Uqinsile mangabe uze kumakhwapheni sizophuma.”

Kungene yena noSambulo kunesithuthuthu saSinalo kanye nemoto emnyama. Ayibhekisise lemoto uyayazi uNathi kodwa akazi kanjani uke wayibona kaningi nje. Bazungeze umuzi baze bathole imbotshana yokulunguza. Alunguze uNathi angayikholwa lento ayibonayo….

***ISIQEPHU 26***

***KWANTULI***

MaYoli:"Hawu kungani uwasha namuhla futhi uvuke nini nje?"

Sbo:"Ngiphelelwe ubuthongo mama lendaba yalomlayezo waNhloso ayingihlelanga kahle. Ukube usaphila ngabe sekabuyile ngicabanga kuyowuzwisa ugogo."

MaYoli:"Mina ngiyasaba nana, sizothini nje kugogo?"

Sbo:"Nami ngiyasaba futhi manje sekubuhlungu kakhulu uhlezi eyedwa, mama isono sikhona emhlabeni."

MaYoli:"Uzoba kahle uma ngingabiza umfundisi asiphelezele?"

Amoyizele uSbongile akhiphe impahla emanzini ayivome ayineke.

MaYoli:"Uma ungakuthandi loko mntanami ngizozwisisa sizobiza umalume wakho."

Sbo:"Mama anginayo inkinga ngomfundisi ngiyamuthanda mina, noma ngingaphaphama ngelinye ilanga ngikufice ugonene naye ngeke ngibe nenkinga uyakudinga ukujabula mama. Ngiyabona futhi umfundisi uzokwenza 1."

Ahluleke ukuzibamba umamYoli

MaYoli:"Ngizomushayelake."

Sbo:"Mama ngicabanga ukuthi usale sobiza nobaba ukhulume naye phambi kwamfundisi mangabe uyasaba umtshele ukuthi umxolele."

MamYoli:"Wena utshelwe ubani ukuthi ngimuxolele?"

Sbo:"Ungumama wami ngiyakwazi ngiyakubona noma ukhuluma ngaye awusenayo intukuthelo njengaseqaleni."

MamYoli:"Kulungileke ngizomucela."

Sbo:"Mama manje phakathi kwami nobaba?"

MamYoli:"Ufuna ukumazi, uchithe isikhathi naye?"

Sbo:"Uma ungenayo inkinga ma."

MamYoli:"Anginayo nana ungubaba wakho ngithanda ngingathandi, wena awunayo inkinga ngaye?"

Sbo:"Ngiyafisa ukumbona ngikhone kumushayela ngixoxe naye."

MamYoli:"Ngizomushayela naye, kuncono siqale kwagogo bese ngibiza ubaba wakho."

Sbo:”Kulungile ithi ngiqede la.”

MamYoli:”Isimo sinjani khabo Sinalo?”

Sbo:”Kusemuncu kodwa bayalulama bona.”

MamYoli:”Ngisayogeza nana qeda bazofika sesilungisile.”

Abuyele endlini asale amoyizela yedwa uSbongile kungene umlayezo ocingweni lwakhe, ulubeke kude kancane walibhekisa phansi asule izandla ayowufunda.

Sinalo:*Namanje ngisathathekile ilokhu ongenze kona izolo ngiyakucabanga, ube nosuku oluhle ngiyakuthanda.”

Amoyizele amuphendule

Sbo:”Uthandwa yimi soka lami, wena cula lapho ungalokhu ungicabanga ube nosuku oluhle nawe.*

Aqhubeke nokuneka aze aqede aqoqe izinto abuyele endlini, afice umawakhe sekagqokile manje uyapheka. Ugqoke ilokwe angalazi elojean linebhande lingqphansi kancane kwamadolo. Akathwelanga ekhanda uSbongile amuncome ngenhliziyo umawakhe amubheke.

MamYoli:”Kwase?”

Sbo:”We ngane kaNtuli unesiqiniseko sokuthi siyokhuluma nogogo umuhle kanje.”

MamYoli:”Hhey qeda lapho usendleleni umfundisi.”

Ahambe ayogeza uSbongile amushiye ematasa, emva kwehora kuzwakale umuntu ekokoda azilungise makavula umnyango uDumsane ubhuti wakhe. Bamangalelane babukane

Dumi:”Hawu sisi ngathi awukujabuleli kungibona.”

MamYoli:”Cha bhuti akunjalo ngiyathuka ngena.”

Angene abheke usesi wakhe ngokumangala.

Dumi:”Manje wase uba muhle kanje usesi uyaphi?”

MaYoli:”Lutho bhuti ukuthi.”

Kubekhona okokodayo futhi avule uDumsane ngoba uduze nomnyango avele ashintshe umlisa wakuphi lo ophethe izimbali. Abingelele uMsizi amubuke uDumsane kusondele umamYoli amoyizela.

MamYoli:”Usufikile ngena mfundisi.”

Angene uMsizi amunike izimbali uDumsane ayamele ekhabetheni ababukele, uMsizi naye sekayazibuza kaningi ukuthi kungenzeka umamYoli umuqambela amanga na, unaye umuntu aphilisana naye.

MamYoli:”Bhuti lona uMsizi, Msizi lona uDumsane ubhuti wami.”

Dumi:”Uyini yakho dade? Yena umutshelile ukuthi ngiwubhuti wakho yena?”

NoMsizi ayilindele impendulo

MamYoli:”Bhuti ufike ngingalindele kukhona bekumele ngikutshele kona.”

Bathule bonke

MamYoli:”UMsizi siyathandana siqeda kudibana sisafundana nje.”

UDumsane amubuke lomlisa azibuze ukuthi ukhone kanjani kumuqomisa phela unenzondo usisi wakhe akabathandi abantu besilisa. Uyayibona injabulo emehlweni akhe futhi akakwazi kunqabela usesi wakhe injabulo. Anike uMsizi isandla baxhawulane acabange uDansile ezwe eyisilima ngokukhohlwa futhi banganikani amanombolo.

Dumi:”Ngiyathemba awuzanga kuzodlala.”

Msizi:”Lutho mfowethu.”

Kuphume uSbongile azibonele umalume wakhe osoluleme ayomuhaga.

Sbo:”Malume.”

Dumi:”Hhey wena magwegwe.”

Bahagane aze amuqabule esihlathini uYoliswa abonise uMsizi kuthi azohlala kusofa babashiye ekhishini. Uzwa aba namahloni nendlu yakhe encane bahlale bobabili.

MamYoli:”Msizi mina ngadlwengulwa ukuze ngithole uSbongile bengigcwele inzondo yonke leminyaka akukho muntu wesilisa engike ngakhona kumuthanda. Ngiyaqala nje ngawe.”

UMsizi uthulile ulalele

MamYoli:”Manje ngifuna kubiza ubaba wengane yami ngibahlanganise ngibuye ngimazise ukuthi ngiyamuxolela. Bese ngicela usiphelezele siye ngale komgwaqo kagogo.”

Amuchazele into eyenzeka kagogo nangomlayezo kaNhloso angashiyi lutho.

Msizi:”Kulungile asiqale ngokushayela ubaba wengane simulinde masiqeda ngaye sizoya kagogo. Mina ngijabulela ukuthi ngizohlala nawe imini yonke.”

MamYoli:”Hawu kahle bo.”

Msizi:”Uhlala umuhle unuka kamnandi.”

MamYoli:"Ngiyabonga."

Angene uDumsane eme emnyango ababheke

Dumi:"Dade sengiyahamba bengizonikhomba ukuthi ngikahle manje."

MamYoli:"Awudli?"

Dumi:"Cha ngisuthi ngiyabonga."

MamYoli:"Usunomuntu okuthandayo na wakuphekela phela wena awukaze unqabe ukudla kwami."

Amoyizele uDumsane

Dumi:"Umuntu makakuphekela usuke akuthanda yini noma uyasiza."

MamYoli:"Akukho muntu wesifazane ongaphekela umuntu wesilisa angamuthandi, ngitsheleke ubani lowo?"

Dumi:"Lutho sisi kumele ngiyophuza amaphilisi ngilale, nisale kahle."

Aphume noSbongile umamYoliswa athathe lekhadi alishiya afake inombolo kaKhumalo abeke endlebeni. Ucingo lwakhe lubanjwe inkosikazi yakhe athuke anike uMsizi kuthi akakhulume.

Msizi:"Sawubona ma."

MaKhumalo:"Ubaba ngeke akhone kukhuluma ngingathatha umlayezo?"

Msizi:"Ngifuna ukuthuluma naye ngqo ngizobuye ngimushayele ngiyabonga ma."

MaKhumalo:"Umyeni wami usesibhedlela ushawe inhliziyo angicabangi ukuthi uzovuka manje namanje."

Msizi:"Ohhhh ukusiphi isibhedlela?"

MaKhumalo:"Bayamukhipha kulesibhedlela akuso ngoba bathole ukuthi uhlanganyelwa ingqondo umukiswa lapho manje."

Msizi:"Isibhedlela sezinhlanya sisodwa la, uya khona?"

MaKhumalo:"Yingakho ngithi khuluma nami ngizokusiza."

Msizi:"Ahhh bengifuna ukuboleka imali ma."

MaKhumalo:"Ahhhh ngicabanga ukuthi into eserious anginayo."

Aluvale ucingo atshele umamYoli bebakukhuluma.

MamYoli:"Yooooo lomuntu onempilo kanje angikholwa."

Msizi:"Sizoya kuyomubona masiqeda kagogo."

Babize uSbongile bahambe naye umamYoli manje sekakhathazeke ngoSbongile. Ukube wamazisa ubaba wakhe kusenesikhathi manje buka athuke uMsizi sekamugaxa ehlombe bayongena kwagogo. Athuke naye umntomdala abahlalise phansi babukane bonke.

Msizi:"Unjani gogo?"

Gogo:"Ngiyaphila baba sihlushwa yiwo nje amadolo."

Msizi:"Cha gogo ungakufaki kwamadolo wena ithi uyaphila uzokwazi kuqhubeka uphile."

Gogo:"Ngiyezwa ndodana mama kaSbongile ingabe umkhwenyane lona?"

MamYoli:"Hayibo gogo umfundisi lona."

Msizi:"Ngingumkhwenyane wakhe gogo uyangiphika."

Ahleke uSbongile abheke uMsizi achazeke nje, masebahlezi kahle.

Msizi:"Kunjani gogo empilweni?"

Gogo:"Ngiyaphila mfundisi amadolo nje nomzimba ukhathele manje."

Msizi:"Ugogo unomnyaka omungakhi?"

Gogo:"Ngina 91 mfundisi."

Msizi:"Haawu gogo mina ngicabanga ukuthi una70."

Bahleke bonke uSbongile yena uya nokumamukela ngenhliziyo yakhe yonke uMsizi.

Msizi:"Gogo silethe umngani womzukulu wakho la kunomlayezo anawo."

Gogo:"Ubuya kuphi na ngoba mina akekho ongicabangayo nje abantu baziphilela impilo yabo?"

Ashintshe uSbongile ngenxa yovalo nezandla ziqhaqhazele makakhipha ucingo lwakhe. Asukume uMsizi amubambe isandla athathe ucingo.

Msizi:"Ngitshele kuthi ukuphi lomlayezo ngizomufundela ugogo, mamakhe mukhelele amanzi."

Asukume umamYoli awakhe ahlale celeni kwendodakazi yakhe, awulalele kuqala eyedwa abuye adonse isihlalo abhekane nogogo amubambe izandla zombili.

Msizi:"Gogo lalelala."

Achofoze locingo ugogo makezwa iphimbo likaNhloso ehle izinyembezi.

Nhloso:*Gogo ngiyaxolisa ngendlela engiziphatha ngayo ngiyathembisa mangibuya ngizokuhlonipha ngikukhele namanzi ngizokwenza konke owangifundisa kona. Ngihlale isonto lonke ngingakuboni ngiyasizwa isikhala sakho kimi. Ngiyabonga ngokungilanda

lapha kaMavundla. Iphutha alikho kuwe likimi ngokungalaleli kodwa manje ngiyathembisa ngizokulalela. Ngiyakuthanda gogo uliqhawekazi lami.*

Luthule ucingo uMsizi aqinise izandla zakhe kumukhumbuza ukuthi basenaye la duzane.

Gogo:"Lengane ngangiyikhuza mfundisi ikuphi nje khona manje ize ingithumelele imilayezo."

Msizi:"Sekunesikhashana impela awuthumela lomlayezo uSbongile abesaba ukuwuletha kuwe."

Gogo:"Uyazi lomntwana ngamuphupha enze iphathi la egcekeni makaqeda wanyamalala sasala simucinga mina ngamucinga ngaze ngavinjwa udaka endleleni ngangasakhona kuqhubekela phambili. Mangivuka nalephupho ngasola ukuthi ngeke ngiphinde ngimubone uNhlosoyethu."

Msizi:"Kusasa ngizoza ekuseni ngizokuthatha uye emaphoyiseni kumele bamucinge gogo."

Gkgo:"Makafile kuzothiwani anginawo lawo mandla mina."

Msizi:"Makafile ugogo uzomuncwaba umzukulu wakhe, yebo ukuhluphile kepha ugcine sekaxolisa. Muxolele ukwenzela ukuthi noma ngabe akasekho kulomhlaba indlela yakhe ibe lula aphumule ngokuthula."

Gogo:"Mawucabanga ndodana usaphila nje?"

Msizi:"Angazi gogo kodwa uma engasaphili sizowuthola umzimba wakhe ingabe ugogo,usakhumbula umuntu agcina kuhamba naye."

Gogo:"Ilesoka lakhe lodumo phela ngalezo zinsuku lihamba ngemoto emnyama ngelinye ilanga abefika nabantu bezibhamu abagqoke okumnyama."

Msizi:"Lake langena lesoka la endlini?"

Gogo:"Angithi abethanda ukubukisa ngami phela, wake walibiza kuthi lingibone ngihlupheka kanjani lagcina emnyango azange lawubeka umqondo walo la endlini."

Msizi:"Wamubona kepha ebusweni?"

Gogo:"Ngamubona mfundisi leliya soka lihamba nobumnyama azange ngalithanda ngilibuka nje okokuqala. Amehlo alo wayebanika umlilo obomvu yazi ngangihlala ngizibuza ukuthi ikuphi inkinga kaNhloso na."

Msizi:"Ukudideka gogo nokuthanda izinto ubukhazikhazi."

Gogo:"Mkhwenyane ngiyabonga akukho engingakwenza uma engasekho ngizomuncwaba mina. Yize kubuhlungu bengicabanga ukuthi uzobancono lomntwana kunomawakhe."

Msizi:”Phephisa gogo uma kukhona okufunayo sikhona, la ngaphandle ngibone izinsimbi eziningi uzenzani?”

Gogo:”Izinto ezazidojwa umyeni wami lezo, kunzima ukuzilahla nje mntanami angizazi nokuthi ziyini.”

Msizi:”Ezinsukwini mangingekho matasa ngizoza ngizokwakhela umkhukhwana omncane uzibeke lapho. Ungahlali nododi ongaka kungaphuma isilwane esikhulu lapha.”

Ahleke ugogo uSbongile nomawakhe babhekane bamangazwa ubuntu anabo kepha bangasho lutho.

Msizi:”Sekumele sihambe manje gogo kunesihlobo sami engifuna kosibona esibhedlela, sekuzoshaya isikhathi sokungena khona.”

Gogo:”Ngiyabonga ndodana ave unomusa kanti nomndeni wakho unjalo. Pho ubukuphi yonke leminyaka ubahlalisa bodwa?”

UMsizi ababheke umamYoli kanye noSbongile bamoyizele

Msizi:”Lomfazi wangibalekela mangikhuluma indaba yomshado.”

Gogo:”Hawu Yoliswa iyenziwa leyonto kodwa?”

Msizi:”Okunzima kakhulu wangifihlela nendodakazi yami awubheke ngizwa ngaye sekangaka.”

Amoyizele uMsizi abheke umamYoliswa omumangalele uSbongile amoyizele

Gogo:”Muxolele ndodana akunandoda engike ngayibona ingena kwakhe solokhu kuyibo bobabili ngezinye izinsuku kufike umfowabo lo osabekayo. Yena uziphethe kahle impela wena usuzoxolisa inhliziyo kubazukulu.”

Msizi:”Uthini manje gogo sengizoba nomzukulu?”

Gogo:”Cha angithi uzoshada uSbongile phela usenesoka eliyisiqumama nalo lihamba ngemoto engaka ngebhasi. Ngalithanda mzukwana limusiza ngokungikhela amanzi lihle futhi.”

Msizi:”Eyyy gogo ngiyakuzwa.”

Basukume bahage ugogo baphume mabafika emgwaqeni umamYoli ashaye uMsizi ehlombe.

MamYoli:”Amanga angaka kodwa Msizi?”

Msizi:”Hawu Sbongile benginamanga kanti?”

Akhweze amahlombe uSbongile azihlekele.

Msizi:”Ngizokulinda la emotweni.”

MamYoli:"Awufuni ukudla kuqala ngiphekile?"

Msizi:"Ngizodla masibuya asiqale esibhedlela."

Bavalelise uSbongile naye ofisayo kuhamba nabo ngoba uzizwa bawumndeni noMsizi, kodwa athule ngoba abona ukuthi badinga ukuchitha isikhathi bodwa. Asale ababuka ayogibela emotweni umawakhe, uMsizi amoyizele.

MamYoli:"Asambeke."

Msizi:"Biza uSbongile sihambe sonke."

MamYoli:"Cha ngifuna kumubona kuqala ubaba wakhe ukuthi unjani."

Msizi:"Uzongena wedwa mina ngizosala naye emuva, ufuna kulandela umawakhe lomuntu awumuboni."

MamYoli:"Thina sizohlala sibelethene nomfazi ongaka"

Achazeke uMsizi makabona ukuthi umamYoli ulangazelela ukuba naye yedwa.

Msizi:"Sizoba ndawonye masibuya uzolala ngeke ngihambe sohlala sobabili."

Amubambe isandla amoyizele avule ifastela amubize angalindi nokuthi aqedele asondele ngokushesha azogibela. UMsizi ayisuse imoto…..

***ISIQEPHU 27***

***KWAKHOZA***

Kumnandi ekhaya kungene umakoti wamukelwa yizinhliziyo zabo bonke. Lomsindo abawubangayo wenza bomakhelwane nabo beze bazobona umakoti.

MaKhoza:"Usuthile kodwa?"

Cebi:"Ngisuthi mama ngiyabonga bekumnandi."

Bakhuluma baya ekhishini bayalandelana

MaKhoza:"Hlala phansi."

Cebi:"Cha cha ma usungenza ngibe namahloni kakhulu ngizozigeza."

MaKhoza:"Ukuthi ngijabulile mntanami uLwazi ujabulile umntanami ngolunye uhlobo."

Cebi:"Kujabule mina ma."

NaKhoza:"Ave ngiziqhenya ngawe ngizwe ngikuthanda kakhulu mangizwa ukuthi ubuntombi bakho bathathwa uLwazi."

Amangale uCebile

Cebi:"Lokho ukuthathe kuphi mama?"

MaKhoza:"Kusho uLwazi uthe masebabizile inani abalifunayo abakhongi bakhe kumelle bangeze izinkomo ezimbili zobuntombi bakho."

Aswabe uCebile ngalamanga aqanjwe uLwazi kungenasidingo aze afise nokuphuma ayolwa naye kodwa ngeke.

MaKhoza:"Ungathuki makusho umkhwenyane wakho ukuthi ujabulile ngawe kusho lukhulu lokho."

Cebi:"Ngiyezwa ma amahloni nje okuthi abazali bami sebayazi ukuthi ngenza ukuganga."

MaKhoza:"Ugange nomuntu osongumyeni wakho manje."

Cebi:"Yazi bengicabanga ukuthi uNozibusiso uzobe akhona, kungani ningamulandanga?"

MaKhoza:"Ugogo wakhe uthe unesfuba manje ufuna ahlale endlini."

Lwazi:"Hawu uyile uLwazi komuthatha amuyise kwadokotela."

MaKhoza:”Sesi azange ngamazisa uLwazi ngoba abezokhathazeka kanti ugogo kaNozibusiso ngimubonile ukuthi uqamba amanga.”

Cebi:”Angawaqambelani amanga kodwa ma?”

MaKhoza:”Phela uLwazi selokhu ahlukana nomama Nozibusiso azange athole uthando futhi uyabondla lapha. Mina ngicabanga ukuthi ugogo uthukile manje ngoba akazi,noma usazoyithola imali kuLwazi na, futhi akafuni umzukulu wakhe ajwayele inkosikazi kaLwazi ngoba akazi noma uzophatheka kahle yini umzukulu wakhe.”

Cebi:”Ngamanye amagama yena uzitshela ukuthi uvikela uNozibusiso?”

MaKhoza:”Angazi nhlobo mina ngicabange kanjalo nje.”

Cebi:”Kumele akhululeke nje ugogo ngeke ngingene phakathi kwezinhlelo zabo benoLwazi.”

MaKhoza:”Okunye kuzomele ukhuleke uyazi abogogo abathukile bayaye babone umuthi kuyisixazululo.”

Cebi:”Ngiyakuzwa ma, uDanisile uphi yena?”

Adonse umoya umaKhoza

MaKhoza:”UDanisile unezinkinga zakhe sesi uzokuxolela uma efuna, ngicela uma unesikhathi uke umushayele mhlawumbe kuwe angakhuluma sekazitholele usesi omncane.”

Cebi:”Ayikho inkinga mama.”

Amoyizele umaKhoza baqhubeke ngokuxoxa baze benze netiye bahlale lapho ekhishini baliphuze. Ngale endlini yokuphola uLwazi bayaxoxa nobaba wakhe makabona ubaba sekazela amuyeke ayobheka isthandwa sakhe ekhishini. Abafice bakhuluma ngoDanisile indlela uCebile abuke ngayo umawakhe ibonisa inhlonipho aziqhenye ngalokho.

Lwazi:”Aniqedi kanti ukugobhoza?”

MaKhoza:”Kahle bo sikhuluma izindaba zabafazi wena ufunani la.”

Lwazi:”Bengizonibheka nje.”

MaKhoza:”Hamba Lwazi umakoti uzomubona hawu nami ngisazidelisa.”

Bahleke uLwazi aphume ufisa kumlandela uCebile kodwa azibambe.

MaKhoza:”Ithi ngiyobheka umyeni wami mhlawumbe sekazumeke kusofa.”

Basukume bobabili ngempela ulele uKhoza bamuhleke, uCebile aphume ayongena egunjini lika Lwazi. Amufice alele phezu kombhede ukhumulile phezulu angene avuke ahlale ngeziqe uLwazi amoyizelele isthandwa sakhe.

Cebi:”Kungani ulele?”

Lwazi:”Angithi wena uvakashele umamezala wakho.”

Amoyizele uCebile ayongena endlini encane aphinde abuye sekasula izandla.

Cebi:”Unesikhwele?”

Lwazi:”Kakhulu.”

Ahlale celeni kwakhe amuqabule

Cebi:”Myeni wami uzizwa unjani manje?”

Lwazi:”Umzimba usebuhlungu kumele ngimuncenge nje, yazi bengibheke izinto zasemalahleni ngiyabonga usayindise amanye amaklayente amathathu.”

Cebi:”Ngifunde kwisithandwa sami nje.”

Lwazi:”Yazi ngibusisekile ngawe kodwa.”

Cebi:”Kubusiseke mina.”

Abheke phansi uLwazi

Cebi:”Kwenzenjani manje?”

Lwazi:”Ngikhumbule uNozi yazi angazi kungani anqabe ngaye ugogo wakhe.”

Cebi:”Asambe uyomubona mina ngeke ngehle ngiyacabanga uthukile umntomdala.”

Lwazi:”Uthuswe yini?”

Cebi:”Ubulobola namuhla mhlawumbe usaba ukuthi ngizohlupha umzukulu wakhe.”

Lwazi:”Manje kumele mina ngingabi nenkosikazi, uzabe uyangihlolela.”

Cebi:”Okuncono mushayele ucingo uzozizwa ncono masenikhulumile, kusasa sizomulanda siye emall.”

Athathe ucingo lwakhe amushayele alubambe ngokushesha ugogo.

Gogo:”Mkhwenyane.”

Amangale uLwazi amubiza kanjalo

Lwazi:”Ngicela ukukhuluma nendodakazi yami.”

Gogo:”Hawu mkhwenyane bengicabanga ukuthi uzoza impelasonto yokuthi abenawe le.”

Lwazi:”Umama umulandile nje wamufihla.”

Gogo:”Cha.”

Lwazi:”Gogo ngicela ukukhuluma noNozi.”

Kuthuleke isikhashana

Nozi:”Babami.”

Lwazi:”Hey wena namazinyo ashodayo, kungani ungezanga kubaba?”

Nozi:”Ugogo uthe uzobuye ungilande nje.”

Lwazi:”Ubaba ukukhumbulile?”

Nozi:”Nami ngikukhumbulile naloya mama owangiqhina ekhanda.”

Amoyizele uLwazi

Lwazi:”Ungikhumbule kangakanani?”

Nozi:”Kasgidi gidi million.”

Ahleke uLwazi aze azibambe esifubeni udonseka kabhlungwana.”

Lwazi:”Nobaba ukukhumbule kasgidigidi million.”

Nozi:”Uze uzongithatha baba.”

Lwazi:”Ngizoza kusasa nje mntanami.”

Asukume uCebi akhumule abheke into azoyigqoka ngoba unezimpahla ezinokusala, athuke sekamubamba okhalweni ngemuva.

Cebi:”Hey ungazithunuki.”

Lwazi:”Nginconywana manje ngoba sengikhulume naye, ngiyabonga.”

Cebi:”Kulungile ngiyekele ngigqoke.”

Lwazi:”Ukhumulelani ngoba ugqoke kahle?”

Cebi:”Zinde kakhulu lezimpahla ziyangisinda.”

Amuqabule uLwazi aphenduke uCebile baqabulane

Lwazi:”Eshuwi eish.”

Cebi:”Phephisa ngikuthunukile?”

Lwazi:”Akusinguwe yimina kusasebuhlungu la esifubeni.”

Cebi:”Kumele uzincenge.”

Lwazi:”Ngiyakufuna kodwa ngizozincenga.”

Ahleke uCebi

Cebi:”Khohlwa.”

Amusunduze kancane azame ukugqoka amuphuce leskibha uLwazi asiphosele le

Lwazi:"Ngifuna ukulala nenkosikazi yami ngakugcine useyintombi yami."

Ahleke uCebi baqabulane futhi baphushane bayohlala embhedeni.

Cebi:"Ithi ngize phezulu uzozithunuka."

Alale ngokucophelela uLwazi amukhumule uCebi baqabulane naye ugadile kuthi angamuthunuki. Bagcine sebephushwa imizwa baqabulane baphululane uLwazi azingenele ngokushesha baqume bobabili.

Cebi:"Icondom sthandwa sami."

Lwazi:"Ngizochamela ngaphandle angisakhoni ukuphuma."

Cebi:"Unamanga maaan Lwazi, ungangichameli."

Baqhubeke ngokujabulisana baze baqede

Cebi:"Sthandwa sami ungichamele."

Ahleke uLwazi

Lwazi:"Kahle nkosazana phela leyonto kufana nokungikhiphisa uswidi emlonyeni"

Cebi:"Uzisholo nje vuka siyothenga amaphilisi."

Lwazi:"Kusho bani ukuthi ukhulelwe?"

Cebi:"Mina ngifuna ukushada nginefiga."

Bahleke bazilungise uLwazi ayovula umnyango abuye babukele amamovie.

Lwazi:"Ngiyakuthanda."

Cebi:"Kangakanani?"

Lwazi:"Kasgidigidi million."

Bahleke bobabili bezwe umsindo wamaphimbo nomsindo wezivalo nokumemeza. Bavuke gubhu uLwazi abambe uCebile amudonsele ekasini lezimpahla.

Lwazi:"Ngena ngiyobheka bomama."

Cebi:"Hhayi Lwazi awunawo amandla bazokulimaza."

Aguqe uLwazi ahushule isibhamu phansi kombhede

Lwazi:"Casha lapho Cebile."

Makathi uyaphuma kungene abantu ababili abafanayo bagqoke uzimpahla ezimnyama, kulandele uNathi. Uthukuthele uyabila bonke baphethe izibhamu.

Nathi:"Uphi usesi wami?"

Lwazi:"Bhuti."

Nathi:"Hhey uphi uCebile?"

Aziphumele uCebi makezwa iphimno labhuti wakhe amugxavule ngesandla akagqokanga nezicathulo amuhahabise bayongena endlini. Amangale uLwazi makaqhamukela ngaphambili kubo kunesithuthuthu kanye netekisi kunabantu abahlome umhlolo wezibhamu angakaze azibone. Bangene endlini ulandela uCebile nobhuti wakhe. Angene azithele kubazali bakhe bahlezi kahle kusofa ubabMongezi ume ngezinyawo uthukuthele ugane unwabu umnyama ngenkani. Azibuze ingabe kukhona akwenza na.

Phansi ubhuti wakhe nenkosikazi yakhe bayasabeka ebusweni izimpahla zabo zigcwele igazi. UCebi asibone lesandla esinombhalo aze acabange idlale kuye lento eyenzeka ngalobo busuku. Makuwa iglove abona lesandla esikaBongiwe kanti uMholi uziqinisile uBongiwe yena sekuphele ukuqina uyakhala. UCebile ubanjwe ubhuti wakhe ngesandla ubabMongezi alule esakhe kuthi eze kuye. Amuyeke uNathi aqonde kubaba wakhe aziphose kuye amuhage.

Khoza:"Nkosi senzeni kodwa?"

BabMongezi:"Ngizwe ngibalekelwa igazi mangibona indodana yakho phakathi kwezigebengu ezangena emzini wami zalalisa konke ngemhlamvu basho kusiqeda."

Nathi:"Kungani ningazange nithathe imoto kuphela?"

Mholi:"Ngiyaxolisa mfana kithi sasuke sathuka makukhanya sabona ukuthi sizobanjwa."

Nathi:"Nabona ukuthi ningibulalele umfazi."

Akhale umaKhoza

Nathi:"Ngamuthembisa umkami makwehla ibhokisi ukuthi ngizobafuna ababulali ngize ngibathole ngizobulala umndeni wabo bonke nabo bezwe lobuhlungu engibuzwayo. Baba nakhu batholakele umndeni oganwe usesi wami Mholi usesi wami."

UbabMongezi kuhlaba kuyaphukela kuye makabona indodana yakhe ingalohlobo

BabMongezi:"Uyazi size la sithi ngeke sikhulume sizonibulala nonke bese sivuthisa lekhaya kodwa simangele umuntu makasikhomba la yerrrrr Khoza eyami indodana ikhale ngalohlobo ize yehle amafinyela njengengane encane."

Bongiwe:"Baba ngicela nibulale mina niyeke wonke lomndeni."

BabMongezi:"Ungalinge ungibize ngoyihlo wena, Nathi ndodana ufuna kwenziweni?"

Cebi:"Bhuti nawe baba ngiyanicela umndeni awazi luthi ubhuti uzihambele yena wayoganga ekhaya. Ningabulali abazali bakaLwazi ngenxa yamacala kabhuti."

Aphenduke uNathi abheke usesi wakhe okhalela lomndeni omuthathele inkosikazi

Nathi:"Uthi bhuti ubiza umbulali wenkosikazi yami ngobhuti Cebile?"

Cebi:"Ngijwayele ukumbiza ngalolo hlobo angiqondanga kukuzwisa ubuhlungu."

Nathi:"Baba mina ngeke ngiphule isithembiso engasenza kunkosikazi yami, uyazi ukuthi inkosikazi yami ishone ikhulelwe inezinyanga ezimbili. Sineminyaka sifuna ingane wena wakhetha kuyibulala ikhulelwe."

MaKhoza:"Ohhh Mholi waze wasenza yini kangaka ubaba wakho wakukhulisa kahle. Yikho lokhu enikwenza emaGoli lawa."

Bonke baphelelwe amandla uLwazi ulokhu umile akazi athini noma enzeni kepha ulangazelela ukuthulisa isthandwa sakhe esikhalayo…..

***ISIQEPHU 28***

***MSIZI***

Bafike esibhedlela umamYoli ayobuza kumabhalane kuthi bangamubona na achofoze kancane kucomputer yakhe bese uyamubheka.

Mabhalane:"Ngibona nihamba nibathathu kuvumeleke umuntu oyedwa phakathi."

MamYoli:"Sizoshintshana."

Mabhalane:"Usewodini lesithathu mawuqeda kundlula kulephasiji."

Abonge abuyele la uMsizi alinde khona benoSbongile, namanje uyamangala indlela asheshe ngayo ukwamukela uMsizi ezimpilweni zabo. Uyabonakale futhi ukuthi akazenzisi umamukele ngempela.

MamYoli:"Kungenwa ngamunye ewodini."

Msizi:"Ngena kuqala kuningi okumele ukukhulume naye."

Bahambe uMsizi noSbongile bahlale lapho kumabentshi wasesibhedlela umamYoli abashiye khona. Akufiki nokuthi abuze uSbongile bazobona bani ngoba umalume wakhe sekaphumile esibhedlela. Angene umamYoli ulele uKhumalo uxhunywe emshinini owodwa inesi limubize ngesandla kuthi angene. Asondele amubuke amehlo akhe avuliwe amoyizele makabona umamYoli.

Nesi:"Uyezwa mawukhuluma kanti uyakwazi nokukhuluma kodwa umoya uyashesha ukuvaleka ungamukhulumisi izinto ezizomuzwisa ubuhlungu."

MamYoli:"Yena uyalulama?"

Nesi:"Selokhu afikile unomehluko omkhulu kabi."

MamYoli:"Ngiyabonga."

Liphume inesi asondele ngathi uyasaba umamYoli ahlale duzane nombhede.

MamYoli:"Khumalo."

Khumalo:"Yoliswa."

Amoyizele kepha ngathi usezinhlungwini

MamYoli:"Yazi ngishayele ucingo lwakho ngithi ngifuna kukumema uze kwami ngikunike imvume yokubonana nendodakazi yakho ngendlela ofuna ngayo ngase ngithola lezindaba zokuthi usesibhedlela."

Khumalo:"Ukhulume nenkosikazi yami?"

Abonise ukuthuka uKhumalo.

MamYoli:"Cha ngifonise umuntu engithandana naye."

Umoya wehle makezwa lokho amubone nomamYoliswa

Khumalo:"Umhlaba uyangiphendukela Yoliswa ngiyaxolisa kakhulu."

MamYoli:"Shhhhh ngiyakuxolela babKhumalo, akusizi ngilokhu ngikhalela into eyandlula. Ngiyakuxolela ngenhliziyo yami yonke futhi nawe ungalokhu uzijezisa."

Khumalo:"Ngiyabonga Yoliswa."

MamYoli:"Ngihamba noSbongile."

Khumalo:"Cha angifuni angibone nginje."

MamYoli:"Kumele akubone ungubaba wakhe."

Khumalo:"Ngicela ungenzele okuthile."

MamYoli:"Ngilalele."

Khumalo:"Uye lapha eTshabalala Attorneys ucele ukubonana noAdv.Thabiso Tshabalala noma uAdv. Thami Mkhaliphi. Vula la celeni kombhede kunepheshana lapho bengilibhala nonesi."

Avule alikhiphe libhalwe kahle wase uyalisayinda egcineni akazi libhalwe ini, amibheke sekaliphethe.

Khumalo:"Ufike unike omunye walabammeli khona ubabuze ukuthi kuvumelekile na, uma athi cha ngoba banganqaba babone ngathi ngasayindiswa lephepha ngoba ngigula.   Ubachazele isimo sami oyedwa eze azongibona ngiyakucela."

Avume umamYoli

Khumalo:"Ngicela ungathathi isikhathi uye ngokushesha, okunye lapho ephepheni kunenombolo ebhaliwe ngicela uyishayele utshele lowo muntu ukuthi eze nonogada omunye la kimi. Lokho ngicela ukwenze namuhla manje futhi uma unawo umoya ocingweni lwakho."

MamYoli:"Kulungile."

Khumalo:"Ngiyabonga ngicela ungahambi kuze kufike lo engithi mushayele, inkosikazi yami angiyithembi."

MamYoli:"Izothukuthela nje mayingangifica la."

Khumalo:"Ucashe ingakuboni kodwa mayingena la phakathi wenze indlela yokuthi uyayilandela. Angamuboni uSbongile ngoba uzombulala."

MamYoli:"Ithi ngishayele lonogada wakho, ngizobiza uSbongile akubone isikhashana."

Khumalo:”Cha ungamufaki.”

MamYoli:”Uma ungahamba manje angisho ukuthi uzohamba vele kepha uma kungenzeka ucabanga ukuthi uzongixolela uSbongile ngokukufihla?”

Khumalo:”Ngiyazwisisa  ungamungenisa.”

Amoyizele umanYoli aphume nalepheshana afike basaxoxa ahlale celeni kwaSbongile amubheke.

Msizi:”Sekanjani?”

MamYoli:”Angazi, Sbongile size la ukuzobona ubaba wakho.”

Athuke uSbongile

MamYoli:”Ukhulile manje ntombazane yami ngena uyomubona kepha ungakhali ngoba uzomuqeda amandla.”

Asukume ngokushesha ayongena ewodini umamYoliswa asale atshela uMsizi ngesicelo sikaKhumalo. Bahlale balinde uSbongile asangenile.

Sbo:”Baba kwenzenjani?”

Khumalo:”Mntanami ngiyaxolisa bengingekho ekukhuleni kwakho.”

Sbo:”Manje ukhona baba ungahambi ngizokunakekela.”

Khumalo:”Ngeke ngiyivimbe indlela uma seyifikile sesi ngicela uzinakekele.”

Sbo:”Uyazi baba kudala ngikukhumbulile empilweni yami kodwa ngingakwazi manje sesitholene wena sofuna kungishiya.”

Khumalo:”Ohhhh mntanami.”

Sbo:”Ngicela wenze konke okushiwo bodokotela baba wenzele mina.”

Khumalo:”Ngiyakwenza sthandwa sami.”

Sbo:”Uyazi ngenkathi ngicishe ngidlwengulwa ngazizwa ukuthi ukube benginobaba mhlawumbe lokhu bengeke kwenzeke. Bebazobe bazi ukuthi ubaba wami uKhumalo futhi bamusabe ngoba uzongivikela.”

Amoyizele uKhumalo

Khumalo:”Walivula icala ngaleso sigameko?”

Sbo:”Cha azange bengingafuni kulokhu ngikhunjuzwa ngalesehlakalo.”

Khumalo:”Ungabakhomba kodwa?”

Sbo:”Eya lo omunye uyisoka lomngani wami uMihla..”

Amangale uKhumalo

Khumalo:”Ubani igama lakhe?”

Sbo:”USizwe.”

Khumalo:”UNsizwa?”

Sbo:”Eya nguyena kodwa sengindlulile kulokho.”

Kwehle inyembezi eyodwa kuKhumalo abhekise ubuso eceleni

Sbo:”Azange angidlwengule baba ukhalelani manje?”

Khumalo:”Ngiyabonga azange aphumelele, uNsizwa uyindodana yami.”

Athuke uSbongile kodwa avele abone ukuthi ngempela uyindodana yakhe, akhumbule namhla aqala ukubona ubaba wakhe esitolo uNsizwa weza egijima amubiza ngobaba makabambeka umoya.

Sbo:”Ngacishe ngadlwengulwa ubhuti wami?”

Khumalo:”Ngicela ungenzi amagqubu mntanami ngiyasazi sibi leso senzo.”

Sbo:”Mina ngijabulele ukukubona baba, futhi ngizosithatha isibongo sakho.”

Ajabule avule isandla naso esifakwe okuthile ngathi ipeg lokuneka amubambe uSbongile babhekane.

Khumalo:”Nginomfowethu oza emva kwami uzokusiza yena, kwakhe isezindalini.”

Sbo:”Makhulu nje baba lawo mapulazi sake saya lapho nesikole siyodlala nesinye isikole.”

Khumalo:”Laphoke akekho ongamazi uKhumalo ofaka amafastela emakhaya.”

Sbo:”Nguwena ozongiyisa kothatha isbongo sami.”

Khumalo:”Usukhulile ngane yami uyabona ukuthi ubaba ukuphi.”

Sbo:”Yebo ngiyabona kodwa uzolulama baba ngicela uphile.”

Khumalo:”Ubabomncane wakho uzokwenzela zonke izidingo okumele azenze.”

Amubuke ubaba wakhe angasakhulumi uyamubona indlela akhuluma ngayo sekakhathele.

Sbo:”Ngiyakuthanda babami.”

Khumalo:”Nami ngiyakuthanda ngane yami.”

Amuhage noma angabambeki kahle  amuqabule esihlathini aphume makavela nje amuhlangabeze umawakhe amuhage bahlale phansi futhi.

MamYoli:”Msizi ngicela ungene umenzele umkhuleko omfushane nje, usasenalo futhi iphimbo mamukelise iNkosi usathane angakebi iphimbo lakhe.”

Amoyizele uMsizi abone nje ukuthi lomuntu wesimame uzomusiza ekusebenzeleni uNkulunkulu. Asukume naye ayongena amangale athuke acishe ukuwa ubabezala kaDansile. Naye amubheke

Khumalo:”Hawu Khoza.”

Msizi:”BabKhumalo.”

Khumalo:”Yizo nje lezi ndodana.”

Msizi:”Ngiyabona nami angihlelanga ngingena la emawodini kukhulekisa abadinga ukwamukela iNkosi.”

Khumalo:”Khoza umuntu sekaba nezono eziningi angazi noma uyibonile lentombazanyane ephuma la indodakazi yami engiqeda kuhlangana nayo. Nganyukubeza umawayo, kuningi nje umuntu akwenza kwabanye abantu.”

Msizi:”BabKhumalo uhambo lwakho kulomhlaba lwaziwa uNkulunkulu mina ngiwu muntu njengawe. Ngize kuwe la uMdali ufuna kukunika ithuba lesibili empilweni kamoya. Uma ufusa ukuzwa ukuthula nothando lwakhe olujulile ngizokwenzisa umkhuleko wokumamukela, umkhuleko wokusindiswa. Uma uzovuka futhi kulombhede uzoyeka konke okubi obukwenza kodwa usebenzele yena uphile ngentando yakhe. Uma kwenzeka usuku lolugcina likufica la alikufice somamukele uzokwazi ukubona umbuso weZulu lakhe.

Akukhathalelanga ukuthi iNkosi uyamukela ngezinsuku zakho zokugcina kulomhlaba okubalulekile ukuvuma ngomlomo wakho izono zakho zizohlanzwa zibe mhlophe qwa noma ngabe bezibomvu kangakanani. Lokho kwenze ngenhliziyo emsulwa hhayi ngoba uthi ufuna ukungena eZulwini yena uyasibona ngaphakathi kwethu.”

Khumalo:”Ngizwa ngishawa uvalo ndodana.”

Msizi:”Yehlisa umoya ungavumeli uvalo ludlale ngalo ngoba luyinkomba yemimoya emibi engafuni ngomphefumulo wakho. Wena vula inhliziyo ube nokuthula ngaphakathi kuwe.”

Adonse umoya uKhumalo avule isandla sakhe asibambe uMsizi

Khumalo:”Ngiyafuna ukwamukela iNkosi.”

Msizi:”Vala amehlo akho baba.”

Awavale uMsizi abeke isandla esinye esiphongo sakhe esinye sibambe isandla saKhumalo.

Msizi:”Baba emaZulwini mnini mandla wonke Mdali wezulu nomhlaba nansi indodana yakho iyasabela ilizwile izwi lakho. Ithi yimina Nkosi kade ungqongqoza enhliziweni yami namuhla ngiyakuvulela. Nkosi yamakhosi wena usithembisile ezwini lakho lapha kuMathewu 11 v 28 uthe size kuwe thina esikhatheleko nesisindwayo uzakusithula umthwalo. Nayi indodana yakho iyasondela ithi Baba ngithule umthwalo ngiyasindwa,

ithi baba kudala ngihamba kulomhlaba ngenyama ngimema wena manje ube sempilweni yami.”

Avule amehlo uMsizi abheke uKhumalo uyezwa kukhona abasemva kwakhe kepha angaphenduki.

Msizi:”BabKhumalo isho lamazwi emva kwami. Nkosi yamakhosi ngiyasondela phambi kwakho.”

Khumalo:”Nkosi yamakhosi ngiyasondela phambi kwakho.”

Msizi:”Ngiyazivuma zonke izono zami.”

Khumalo:”Ngiyazivuma zonke izono zami.”

Msizi:”Ngicela intethelelo.”

Khumalo:”Ngicela intethelelo.”

Msizi:”Ngiyavuma ngomlomo wami ukuthi uyiNkosi nomsindisi wami.”

Khumalo:”Ngiyavuma ngomlomo wami ukuthi uyiNkosi nomsindisi wami.”

Msizi:”Wangifela esiphambanweni ukuthi izono zami zihlanjululwe, ngiyayinikela impilo yami kuwe Amen.”

Khumalo:”Wangifela esiphambanweni ukuthi izono zami zihlanjululwe ngiyayinikela impilo yami kuwe Amen.”

Bashaye izandla makabheka emuva amanesi amathathu kanye nodokotela oyedwa, uKhumalo sekehla nezinyembezi.

Msizi:”Uzizwa unjani baba?”

Khumalo:”Nginokuthula ngaphakathi kimi.”

Msizi:”Sengiyahamba manje.”

Khumalo:”Ohhh Khoza iNkosi ikubusise ikwandisele futhi.”

Ahlanganise izandla uMsizi agobe kancane afulathele makafika emnyango udokotela amulandele.

Dokotela:”Mfundisi.”

Amubheke

Dokotela:”Uxolo.”

Msizi:”Unjani?”

Dokotela:”Angiphili ngigulelwa inkosikazi sekuyiminyaka akukho la esingayanga khona kuyafana. Sekaze ufuna ukubuyela kubo manje ngoba uzibona awumthwalo.”

Msizi:”Mina ngingumshumayeli qha angilaphi.”

Dokotela:”Yazi mangizwa iphimbo lakho kube nalento engithintayo ngaphakathi ngivele ngacabanga umkami. Mfundisi okungenani ngicela ufike unyathele emagcekeni akwami lokho nje.”

Amangale uMsizi kodwa angabonisi

Msizi:”Ngiphe amanombolo wakho ngizokuthinta.”

Amunike ikhadi belisesandleni vele lokho kumubonise uMsizi ukuthi abelinde kumunika.

Dokotela:”Ngemuva ngibhale ikheli lasemzini wami uma kwenzeka ungangitholi ocingweni uvele uqonde kwami. Ngicela ukuza enkonzweni yakho futhi kulempelasonto konke sesiyokukhuluma ocingweni.”

Afulathele udokotela makaphenduka umamYoli noSbongile beme ngezinyawo bayamumoyizelela.

Msizi:”Asambeni mndeni wami.”

Sbo:”Uma kungenzeka ubaba ashone ngeke aye esihogweni ngoba sokhuleke naye?”

Msizi:”Uma ngabe abekhuleka ngenhliziyo emsulwa engadlinzi uzongena agijima.”

Bahambe bayogibela emotweni mayifika ekhaya angehli uMsizi

MamYoli:”Awungeni?”

Msizi:”Cha ngizobuye nginibone sthandwa sami.”

Akhiphe ukhiyo awunike uSbongile kuthi angene endlini

MamYoli:”Uthembisile ukuthi sizoba ndawonye uSbongile sekalele nje.”

Ubuza ngenhliziyo ebuhlungu naye ehlike emotweni ayoma celeni kwakhe

Msizi:”Angifuni ukuphambuka kulohambo mntakwethu angifuni ukunika usathane amandla. Masindawonye imizwa iyangiqina njengamanje njalo mangiza kuzomele sihlale sinoSbongile ngoba ngizokuqumba phansi.”

Ahleke umamYoli

MamYoli:”Uqinsile nami ngiyazizwa.”

Msizi:”Ungibona nje ngiyabaleka ngezinyawo zami zombili.”

MamYoli:”Uke wacabanga ukuvula isonto lakho?”

Msizi:”Kuzodinga umsebenzi omningi.”

MamYoli:”Vele kumele kube njalo ubiziwe ekuholeni abantu ngokomoya musa ukuhlala phezu kwalokho.”

Msizi:”Lokho kumele kwenzeke mina nawe sesishadile.”

MamYoli:”Mina ngizokweseka ngakho konke kodwa ungabeki ukufisa kungishada phambili kunobizo lwakho.”

Msizi:”Uyangibusisa mntakwethu.”

MamYoli:”Ngiyakuthanda.”

Msizi:”Uthandwa yimi Yoliswa uthandwa yimi.”

Bahagane makaphakamisa amehlo uMsizi uSbongile ubabhekile akakangeni endlini amukhwaye ngesandla asondele. Amubuke umamYoliswa kuthi useme ngaphandle amuhage naye.

Msizi:”Ukhulekele ubaba masolala uyezwa, wena ukhulekele isithandwa sakho.”

Bavalelisane angene emotweni abalinde bayongena endlini asuse imoto uhamba ucabanga lento biyishiwo udokotela. Makafika kubo amangale kunetekisi esangweni kanye nesithuthuthu akakhoni nokungenisa le yaLwazi ahamba ngayo. Ayishiye ngaphandle kwesango angene azithele kubantu abamile nezibhamu athuke eme esangweni asacabanga ukujika ashayele amaphoyisa. Bamubone

“Eyyyyy sofuna ukudla phansi ngena ngena ugqoke nebhlukwe elinomgedla.”

Asondele

“Hayibo ndoda ubani okululela izimpahla kahle umgedla wakho uqondile akukho nekhona elilodwa nje, awubheke nehembe lakhona. Umgedla ehembeni lomkhono omfisha mawugqoke lomkhono omude kuyanyiwake lapho. Awungitshele nebhantshi ulenza umgedla.”

Omunye osokhulile kodwa ofana naye amukhuze amuthethise omunye ahleke.

“Mana ngimubuze kokugcina hawu, kukini la?”

Avume ngekhanda uMsizi

“Ngena phakathike kusaculwa icala.”

Makasusa unyawo aphinde akhulume futhi

“Konke kuyakhanya ungazibi amandla onawo uNkulunkulu uwanike wena kuthi ukhiphe abantu bakhe otakwini. Umfazi kadokotela akaguli kunento emdlayo uye kuye kusasa.”

Msizi:”Nizobe ningasibulalanga?”

“Hhayi angazi mina kodwa mangabe uzobe ufile uye soyisipoki njengo sesi wami wapoka ekhaya akhalela isikhwama sakhe. Nawe uye ukhalela udokotela.”

“Eyyy ndoda awungene endlini.”

UmaKhoza makezwa iphimbo lendodana yakhe akhale kakhulu, yooo athuke kakhulu kunakuqala ubabMongezi noNathi beme ngezinyawo kunesibhamu esandleni sikaNathi. UMholi uphansi nenkosikazi yakhe bayopha adideke kuthi kwenzakalani. Abuke uLwazi naye osemhlabeni wakhe yedwa, uKhoza ubheke phansi yena.

Msizi:”Mama.”

Angene ayoguqa phambi kwabazali bakhe ababheke axole makabona ukuthi abalimelanga ndawo…..

***ISIQEPHU 29***

***KWANSIZWA***

Nsizwa:"Uphume kanjani mamakhe?"

Dani:"Lomuntu engamushayisa ulicishile icala."

Nsizwa:"Ngiyajabula kukubona usekhaya, ngikuthelele amanzi okugeza?"

Dani:"Kungani ulethe intombi yakho la, emzini owangakhela wona wathi ungowami?"

Azame ukumthinta kodwa anqabe uDanisile

Nsizwa:"Ngicela singalwi mamakhe."

Dani:"Angikhululekanga kwami Nsizwa, angazi noma ngilale kulombhede noma kanjani."

Nsizw:"Ngiyakuhlonipha sthandwa sami ngeke ngikwenze lokho, azange silale la egunjini lethu ulala egunjini lezivakashi."

Dani:"Ngicela umuhambise Nsizwa angimufuni la kwami."

Nsizwa:"Sekuhwalele manje angikwazi kumuxosha."

Dani:"Angithi uzohamba ngemoto ngeke ngilale la ube unentombi ngale."

Nsizwa:"Ukhona namuhla ngizoza ngizoba nawe."

Dani:"Kungani ungenza kanje Nsizwa kubuhlungu angizazi noma ngiya phambili noma emuva. Kungani ungahlukananga nami kuqala wase uyathandana kanje."

Nsizwa:"Kahle Dani."

Dani:"Ngibuya ejele kuningi bekwenzeka phambi kwami, kuningi bekwenzeka kimi manje ngifuna kulala nomyeni wami angiduduze. Angithembise ukuthi kuzolunga kodwa nakhu izandla zomyeni wami zanele."

Nsizwa:"Ungakhulumi kabhlungu kanje, nangu umyeni wakho uduze nawe mamakhe."

Akhumule izicathulo agibele embhedeni amulalise amugaxe naye akhale uDansile.

Nsizwa:"Kuzolunga sthandwa sami kuzolunga."

Dani:"Ngicela ungifakele amanzi  ebhavini."

Atatazele ayowavulela abuye akhumule inkosikazi yakhe ayiphakamise amuzwe ukuthi sekalula akasanaso isisindo njengaseqaleni. Amufake ebhavini makasukuma uNsizwa.

Nsizwa:”Ngisayomuphelezela ngiyabuya.”

Athule angaphenduli kwehle izinyembezi kuDanisile aphume uNsizwa. Afice uMihla sekathukuthele wafutheka waba laphaya.

Mihla:”Nsizwa.”

Nsizwa:”Buya ngikumukise kini.”

Mihla:”Kahle ukudlala ngami Nsizwa ngalesikhathi?”

Nsizwa:”Umkami akajabulanga Mihla awukwazi ukuba la.”

Mihla:”Ngizohlala egunjini ngeke angibone ngizohamba ekuseni.”

Nsizwa:”Mihla ngikuhambisa manje.”

Mihla:”Uyasazi isimo ekhaya  sinjani kanye nokungihambisa ngalesikhathi.”

Nsizwa:”Uma uzohlala lapho ngizokulethela konke ongakudla ubusuku bonke. “

Mihla:”Im also horny Nsizwa ngizisize ngani.”

Nsizwa:”Namuhla kwamele ngibe nomkami Mihla  hamba uyolala.”

Athathe akuthathayo ahambe ayongena egunjini lezivakashi avale umnyango ahlale phezu kombhede.

Mihla:”Nsizwa wena usamuthanda umkakho noma sengenze izinto eziningi kangaka kuthi ungithande, nxx.”

UNsizwa afakele umkakhe ukudla aye egunjini labo amufice sekaqedile ukugeza wagqoka ingubo yokulala. Akanazo ezinde zonke izingubo zakhe zokulala ziyasefela futhi zimfushane ngenxa yokuzama yonke leminyaka ukujabulisa umyeni wakhe ahlukane namantombazane. Konke lonke azange kumushintshe umyeni wakhe uvele wenza okukhulu wakhulelisa manje sekamuhlalisa nentombi yakhe. Makangena uNsizwa amuhage amuphulule nasemhlane.

Nsizwa:”Konke kuzolunga uyezwa.”

Avume ngekhanda amuqabule

Dani:”Iphi lentombi yakho?”

Nsizwa:”Ngiyihambisile ungacabangi ngaye namuhla ngifuna kukujabulisa sthandwa sami. Ngifune uphumule ingqondo ingabalisi kanye nenhliziyo.”

Dani:”Uzokwenza kanjani lokho?”

Nsizwa:"Thambisa umzimba ukhululeke kudala sagcinana masiqeda ukuxhumana uzolala kamunandi."

UDanisile amubheke umyeni wakhe unolimi olumnandi umuzwisa ubuhlungu kepha uyamuthanda futhi. Manje akazifisi duze naye kepha uyazidinga duze naye. Baqabulane uNsizwa ahambise isandla ngaphansi kwalelokwe lakhe elisefelayo amehlise iphenti. Amuphushe bayowela embhedeni abuye phezu kwakhe uNsizwa….

UMihla aphume ngoba sekuthulekile afike eme ngasemnyango awuvule kancane bayaginqana bayaqabulana. Ucasulwa nayindlela uNsizwa agxile ngakhona kumkakhe afulathele abuyele egunjini lezivakashi. Abambe indandatho le.

Mihla:"Nsizwa udinga mina akekho omnandi njengoMihla, yimina sthandwa sami umama wengane yakho. Woza kimi manje vuka lapho uze kulegumbi uzozizwa nje ngendoda ephelele."

Ayibambe ayiqabule lendandatho ngale egunjini uDanisile  sekakhumula umyeni wakhe iskibha. Babhekane emehlweni baqabulane futhi bayaquma manje. Kudala agcina kubanjwa ngalohlobo.

Nsizwa:"Ohhhh Mihla."

Eme uDansile aze amubuke umyeni wakhe amehlo abo mawahlangana avuke uNsizwa athathe isikibha sakhe aphume asiphethe ngesandla aqonde egunjini lezivakashi. Makangena nje uMihla aziphose kuye baqabulane mawala uNsizwa ushiye umnyango angawuvalanga. Ezwe uDanisile kuthi akahambanga uMihla futhi yena umemeza kakhulu uyabona ukuthi sekenzela yena kuthi ezwe.

Mihla:"Mmmmm yes babakhe."

Akhale uDanisile avuke ayochama azisule aguqe phansi kungaphumi magama avuke athathe igown ayigqoke aphume. Ngale egunjini kuyamenyezwana aye ekhishini akokise igedlela lithi lingabila alithathe akhuphuke nalo. Makafika emnyango azikhuze acabange lesimo sasejele abuyele emuva sekakhala.  Akakhoni nokushayela umawakhe baxoxe ngoba uyamufihlela lokhu. Asuke athathe ukhiyo wemoto osetafuleni aphume kuyoshaya ihora leshumi ebusuku manje. Angene emotweni yakhe ayihlehlise aphume ashayele makafika emgwaqeni wakubo kaKhoza asabe kungena kodwa ulangazelela ukuba nomawakhe manje. Ayijikise imoyo uyakhala ahambe uDanisile aduke agcine sekayibambile indlela.

Ashayele aze abone ubhodi ebhalwe kuthi Phungwayo angene phakathi nemigwaqo afike ayimise esangweni lakhona kusakhanya.

Dani:"Mangabe uhlezi nomuntu wakhe Nkosi mina ngenzenjani bo."

Asankemile nje kuvuleke umnyango wasendlini….

***ISIQEPHU 30***

***KWADUMSANE***

UDumsane uzibukelele amamovie okudubulana abone amalambu efasteleni. Amalambu akhanyisa kanje uma imoto ime esangweni lakhe. Alunguze abone ukuthi ilemoto eyamushayisa aphume isapotokile kancane ngaphambili. Avule isango ayingenise uDanisile uyakhala uyabonakala. Aphinde alivale aye emotweni ngoba nakhu akaphumi futhi iloku iyaduma akayicishi. Amufice akhala sekayamele esihlalweni sakhe.

Dumi:"Kwenzenjani?"

Anikine ikhanda azame kukhuluma kufane nje acishe imoto amunike isandla kuthi bangene.

Dumi:"Ngeke ngikhone kukuphakamisa buya singene uyahlaba lomoya ngihamba ngomzimba."

Amunike isandla ehlike ayivale uDumsane ayikhiye bayongena endlini akhiye umnyango uDumsane aphenduke uDani umile usakhala.

Dumi:"Kwenzenjani."

Dani:"Ingabe ngimubi mawungibhekile mnumzane?"

Amubheke ngokumangala uDumsane angazi nempendulo ngoba usadidwe ilokukhala okungaka.

Dani:"Nawe ungibona  ngimubi ithi ngihambe."

Azame ukuphuma uDumsane ume emnyango amuvimbe

Dumi:"Kwenzakalani kanti?"

Dani:"Umhlaba wami uyazula mnumzane ngiqeda kushayisa umuntu ngaya ejele umshado wami ungimele ngamantonto."

Dumi:"Kumele ulale uzovuka ukahle, buya."

Dani:"Cha angifuni ukulala ngibuye ngivuke ngifuna ukulala unomphela."

Duni:"Ngane yomuntu izinkinga zihlala zikhona emhlabeni lokho akusho ukuthi kumele sizibulale. Kahle ngolaka awufuni ngikumukise ekhaya kini mhlawumbe? Masokhulume nomama wakho uzozizwa ungcono mina angazi ngithini."

Aphakamise izandla zombili uDansile kuvuleke igown kancane amehlo kaDumsane alandele lomqhewu ovuleka kancane. Ithanga aphazamiseke impela kepha azikhuze

Dani:”Angifuni ukuhlupha umama.”

Dumi:”Ubusudlile kodwa?”

Dani:”Cha kodwa angikufuni.”

Dumi:”Kumele uphumule, hamba uyolala kulegumbi bolisebenzisa.”

Afulathele uDanisile asale amubuka igown yesilikhi imfushane kahle azikhuze uDumsane ayohlala kusofa. Ahlale isikhashana sekalahleke kakhulu kulokhu abekubukile akanawo nomdlandla wokubuyisela emuva. Asahlezi nje abuye uDanisile usagqokile.

Dumi:”Awulali kanti?”

Dani:”Anginabo ubthongo kunento engiphazamisayo ekhanda lami mangilala.”

Dumi:”Ufuna ngikusize kanjani mina ngoba uze la kimi?”

Kwehle izinyembezi manje akasakhali kakhulu ahlale phansi celeni kwaDumsane igown ivule umchewu omkhulu amehlo akhe ahlale emathangeni angakhoni nokuziziba. Makaphakamisa amehlo uDanisile akamubukanga uyazicabangela asondele kuye uDumsane amuhlasele ngezindebe. Amusunduze uDanisile azame kumushaya ngempama asibambe lesandla.

Dumi:”Ngiyaxolisa ngisuke ngiyaxolisa kakhulu ngizozwisisa uma ungasafuni kuphinde ungikhulumise.”

Dani:”Ukwenzeleni lokhu?”

Dumi:”Umuhle Dani kakhulu ufika la kwami ugqoke kanje ekubeni uzazi ukuthi umuhle. Ngiwumuntu wesilisa into enje ayizibeki ngempela, sengiyolala.”

Asukume uDumsane afulathele noDansile asukume

Dani:”Mnumzane.”

Dumi:”Mmmm.”

Dani:”Ngiyaxolisa ngokuza la ngiphume ngigijima endlini ngenxa yobuhlungu ngazibona sengila kwakho. Ngibona ukuthi kuncono ngihambe.”

Dumi:”Icebo elihle lelo ungakhululeka hamba.”

Umuphendula ufulathele akafuni nokumubheka athathe ukhiyo uDanisile aqonde emnyango awuvule ngesikhiyo esilengayo ngapha uyakhala. Makawudonsa umnyango ungavuleki.

Dumi:”Wuphakamise kancane.”

Azame ahluleke aphenduke uDumsane asondele asuke endleleni uDani awuvule kuthi aphume. Babukane ehlise amehlo uDumsane aze ayofika emlenzeni kaDanisile, abuye

akhuphuke naye amehlo mawafika emabeleni azizwe ukuthi akasakhoni. Avale umnyango futhi awukhiye asondele kuDanisile uyancenga ngenhliziyo ukuthi anganqabi ngoba yena imizwa seyimubeke kude. UDanisile umile naye uba nokusaba kepha makacabanga isenzo somyeni wakhe umubize ngentombi yakhe waxolela kumushiya abhekile wayolala noMihla. Kusho ukuthi umnandi kakhulu loMihla, athuke sekezwa uDumsane aphefumulela duzane naye.

Adonse ibhande legown lingamhluphi livele liqhaqheke kalula ingani liyashelela. Kubonakale ngaphambili lelokwe lokulala elisefelayo elifushane uDansile akagqokanga nephenti ngisho nebra ugcine ekhunyulwa umyeni wakhe. Imizwa idlale ngoDumsane aze azibambe kancane phambili. Akakaze alale nomuntu amuthandayo uDumsane, makaxakwa imizwa uhlala ayovimba oqwayizane emgwaqeni bamusize azivikele bese uyazihambela. Lokhu akuzwayo manje akakwazi amubambe okhalweni ngesandla esisodwa siyaqhaqhazela.

Dumi:”Ngicela ukukupholisa.”

Dani:”Mnumzane.”

Dani:”Ndoni awukwazi ukunqaba buka ugqokeni.”

Azibuke uDani amuhambise isandla ethangeni singene phansi kwelokwe lakhe aliphakamise kancane lethanga elilodwa aligibelise kwelakhe. Asihambise isandla siyosithela ezinqeni amunamathele aziphose izindebe zakhe kuDumsane baqabulane. Baqabulane eside isikhathi ngapha bayakhumulana izinyembezi ziyehla kuDanisile. Basale benqunu bobabili akukho ukucabanga kubo bobabili.

Amuphakamise umlenze izitho maziqondana aqume kakhulu uDumsane ahambise isandla esithweni naso asifice simanzi.

Dani:”Ohhhhhhhh.”

Azame kumuphakamisa abe nezinhlungu amuyeke amudonse ngesandla baqonde egunjini lakhe sekakhohlwe nokuthi uhamba ngenduku ngendlela adonsa ngayo uDansile. Aqonde ekasini lezimpahla abuye necondom ayivule ngokukhulu ukushesha lokhu ayifake. Abuyele kuDansile osozidlalisayo naye amubambe lesandla usaba ukuthi uzozichamisa bese akasafuni kulala naye. Abuye phezu kwakhe baqabulane amukise isandla esithweni sikaDansile aqume yedwa.

Dumi:”Umanzi yerrrr umanzi sthandwa sami.”

Dani:”Faka ngiyacela.”

Angalindi kucelwa kwesibili aziqondanise amungene mawala futhi amemeze uDanisile, amufende ekhala enjalo. Akayazi into ayizwayo uDumsane uyazizwa futhi ukuthi angabulala umuntu ongazama kumususa manje la. Amuphakamise umlenze owodwa uDani unehaba uyamemeza lokho kuvuselela imizwa kaDumsane ngenye indlela. Bafendane uDumsane amubuyise phezulu amufende uDanisile.

Dumi:"Hawu sesi wenzani kodwa?"

Naye uDanisile usemuzweni yakhe

Dani:"Mmmmm."

Dumi:"Hawu nkosi yami uyenza sesi kumnandi."

Adlalise ukhalo lwakhe uDanisile amudlalise iclit elokhu efenda,

Dumi:"Ngiyakuthanda Dansile."

Dani:"Cha Dumsane."

Dumi:"Ngempela ngiyakuthanda, yenza sesi ngizochama."

Aludlalise ukhalo lwakhe achame uDanisile amemeze kahle esemenyeziswa ukuchama, angakaqedi nje ukuchama kubhonge uDumsane. Ushintshile nasebusweni ufenda elapho ngaphansi mawala izandla zisokhalweni lwaDanisile. Ezwe iqhuma icondom uDumsane ayizwe nokuthi ihlephukile manje izinyama zezitho zabo sezithintene. Uyafuna ukugxuma bayekele kodwa imizwa nokulalela ubumnandi buyamunqabela.

Dumi:"Ohhhhh ndoni kaDumsane."

Aqhubeke enze uDumsane

Dumi:"Ngenze Ndoni please."

Aqede ukuchama uDanisile kepha aqhubeke ngokudlalisa ukhalo lwakhe ahlanye kakhulu uDumsane. Amubambe amuqinise ezinqeni ngapha uyamufenda sekayachitha manje. Isidoda masiphuma kuye simushisa ngendlela angakwazi kuyichaza, masiyongena kuDani naye usamukela kube munandi kuye. Masekadelile asuke kuye alale celeni kwakhe. Uyaqala kungathembeki kumyeni wakhe uDanisile, uyamushaya unembeza azame kuvuka amubambe uDumsane uyazi ufuna kuyokhala. Amuwolele kuye amubambe amuqinise akhale uDanisile.

Dani:"Ngenzeni kodwa?"

Dumi:"Uzijabulisile into ebalulekile ngeke uhlalele kujabulisa umuntu uzikhohlwe wena, lala manje."

Dani:"Ngifuna ukuhamba."

Dumi:"Uzohamba ekuseni kusemunyama uma ungafuni kubonakala."

Alale uDanisile sekezwa nalemfudumalo ezandleni zaDumsane azumeke avuke uDumsane ayochama amoyizele yedwa makabona lecondom elenga la kuye. Ayikhiphe ayiphuthele abuyele egumbini. Balale naye azumeke aphaphame entathakusa uDanisile makavuka aphaphame noDumsane.

Dani:”Kumele ngihambe.”

Dumi:”Kulungile, hamba uyogeza.”

Dani:”Cha sizongishaya isikhathi.”

Aphume aye endlini encane achame azisule ageze nezandla uDumsane akafuni ahambe kepha akukho angakwenza. Afike emnyango acoshe izimpahla zakhe agqoke umubukile uDumsane usasenqunu yena, makamubheka uDansile sekavukelwe uDumsane.

Dumi:”Uzohamba vele ungishiye nginje?”

Dani:”Uzozinelisa ngomaqondana wakho.”

Amubambe ngenkani uDumsane amuhage athambe uDansile, makezwa ukuthi ulahla umzimba uyathamba amuphulule emhlane. Baqabulane ngokuphazima kweso abe sekamuhlukanisa imilenze angabuzi angaceli angabiki uDumsane amungene bemile lapho emnyango.

Dani:”Ohhhhhhh.”

Dumi:”Usafuna kuhamba?”

Dani:”Mangiqeda.”

Afende

Dumi:”Damn ngiyakuthanda Danisile.”

Dani:”Cha.”

Dumi:”Shhhhh.”

Bakhuluma ulokhu uyafenda aye ngokuphakamisa isivinini, aphume kuye amuphendule amubambise itafula abuye amungene ngemuva.

Dani:”Ohhhhhh yes.”

Badlalisane baze baqede azange akhumule kulokhu azisule nje noDumi agqoke isikhindi sakhe asishiye khona emnyango ngayizolo. Amuvulele umnyango wemoto angene.

Dumi:”Uma ungidinga ngizohlezi ngikhona ngiyazi unomyeni mina ngiyakuthanda, wangiheha ngiqala kukubona esibhedlela.”

Dani:”Dumsane.”

Dumi:”Cha ungazikhathazi uma kwenzeka ungasabuyi kimi ngizosala nalesipho ongiphe sona, ungizwise obunye ubumnandi ungizwisile ukuthi kumnandi njani kuxhumana nomuntu omthandayo.”

Dani:”Mnumzane.”

Dumi:”Cha ndoni yami wena hamba wenze okukujabulisayo ngiyakuthanda.”

Avale umnyango wemoto ayomuvulela isango iphume imoto alivale futhi isango ayibuke ize iyosithela. Abuyele endlini acoshe ibhande legown yakhe phansi alinuke abuke isikhathi ihora lesine abuyele engubeni.

UDanisile abuyele kwakhe umzimba ukhululekile unethezekile kepha yena emoyeni akamnandanga. Acabange amazwi kaDumsane uthe angavumeli unembeza ngoba abezijabulisa naye. Angenise imoto aqonde endlini kuthulekile basalele ayongena egunjini lakhe angene emanzini ageze. Ahambe ayozenzela ukudla….

***ISIQEPHU 31***

***KWANKOSI***

UmamGugu ukhathazekile ngoba sekuze kuyasa akabuyi ubabMongezi uyamushayela ucingo nalo alungeni. Agcine sekahluleka ahambe ayokokoda egunjini likaSinalo angalindi nempendulo angene. Amufice ajima

Sinalo:"Ayyy gugu lomuntu ungavele ufuhleke nje egunjini lami livaliwe uzokhala la masobona izinto ezingabonwa."

MamGugu:"Ayyy kahle wena ubabMongezi akabuyanga Sinalo."

Sinalo:"Mhlawumbe ukhathele ma uzilelele ngaphandle."

Amushaye esiphundu

MamGugu:"Ngizokushaya wena ngikhathazekile ngaye uphume la agijima emva kokuthola ucingo. Uthathe isithuthuthu sakho futhi ngendlela abejahe ngayo."

Sinalo:"Ubhuti yena uphi?"

MamGugu:"Uphumisane naye la kodwa uNathi uvalelisile nesikhwama athi sekaya kuleholide lakhe."

Acabange kuqala

Sinalo:"Isithuthuthu sami sinetracker ngizoshayela labantu bakhona bangibhekele, anginakanga yazi izolo ngithole umlayezo kuthi isithuthuthu sihamba la ekusitheke khona. Azange ngawunaka lowo mlayezo."

MamGugu:"Shesha ndodana ngisayogeza."

Aphume umawakhe asale ashayela ikhampani yakwatracker bamulayele la ipake khona.

Sinalo:"Ma."

MamGugu:"Ngiyeza ngisagqoka."

Amulinde aqede bakhuluma bayahamba

Sinalo:"Bangilayele iduzane nakhabo,myeni kaCebi la."

MamGugu:"Ingabe kwenzenjani na khona?"

Sinalo:"Ngizokwazisa ngisayoshintsha ngizoya kobheka."

MamGugu:"Ngihamba nawe shesha."

Ashayele uCebi angaphenduli naye ashayele noNathi lutho ukuphendula manje luyamushaya uvalo.

MamGugu:”Ngabe kukhona okubavelele na Nkosi yami, usungithathele kakhulu othandiweyo bami Somandla ngiyacela ungangiphindi. Ngingaba yini nje ngaphandle kwaMongezi.”

Sinalo:”Amen asambe ma.”

Baphume basahamba endleleni uSinalo ulokhu ubuka umawakhe uyamubona ukhathazekile akakhoni nokufihla.

Sinalo:”Mama uyamuthanda ubabMongezi noma ufuna ukuba nomyeni nje uButana angezu kulokhu akuhlupha.”

MamGugu:”Hawu bandla Sinalo ungibuza lokho ngikhathazekile nje.”

Sinalo:”Eqinisweni mina bengingayifuni lento yenu kodwa ngathula ngoba ubaba akasidlalisi isibhakela uyasishaya futhi ngiyamusaba.”

MamGugu:”Manje uzizwa kanjani?”

Sinalo:”Kunzima mama ukwamukela noma ukukubona uhleka nomunye umuntu wewilisa. Yebo ubabomkhulu ngiyamuthanda engubabomkhulu hhayi umyeni kamama.”

MamGugu:”Misa imoto eceleni.”

Ayimise sekaswabile uSinalo ukuthi utshele umawakhe ngendlela azizwa ngayo babukane, umamGugu adonse umoya.

Sinalo:”Angizami kukulawula.”

MamGugu:”Ngiyazwisisa mina ngifuna nijabule mfanami imizwa yami ingamela kude le. Uma ungayizwisisi lento ngizomuyeka.”

Sinalo:”Cha umama akangizwanga kahle, mina ngithe eqaleni bengingayizwisisi kodwa manje ngiyakubona ujabulile naye ubaba akasafani naseqaleni yingakho ngizincengile. Umama angaqhubeka naye.”

MamGugu:”Ngicabanga ukuthi kubelula ukumthanda ubabenu ngoba uhlala eduzane. Sinalo wayekhona nizalwa kukho konke uma ubaba wenu engakhoni kungilethela okuthile akude, wayehlala ethumela ubabMongezi. Wayekhona maniqala ukukhasa, ukucathuza imihlangano yasesikoleni wayekhona. Wena mawuqala ukudelela usudoja nesikole nguyena owakuqondisa.”

Athule uSinalo acabange

Sinalo:”Kokunye ubaba osizalayo nganginokubona ngathi usisunduzela kubabMongezi. Bekasithanda nje ubaba?”

MamGugu:”Abenithanda mntanami kakhulu futhi.”

Sinalo:”Mama mina angikhumbuli nangelilodwa ilanga ubaba osizalayo azongibukela ngicula, noma uCebi makadlala eskolweni. Bekuhlezi kuwubabMongezi, uyabona indlela uCebi amuthanda ngayo konke kwaqala lapho.”

MamGugu:”Uzwakala ngathi umuthukuthelele ubaba wakho.”

Sinalo:”Bengidideka nje namanje nginokuzibuza mama ubabMongezi bekasazi ukundlula ubaba. Ngikhumbula ngelinye ilanga sisele nabo bobabili, uCebi wakhala ubabMongezi amutshela ukuthi uphethwe ubuthongo ubabMondli wanqaba. Yazi baphikisana ubabMondli athi makaphethwe ubuthongo kube uyacimeza alale, ngempela wagcina elele uCebi.”

MamGugu:”Ndodana bobaba benu bebanobudlelwane obungajwayelekanga nami benginokuxakeka.”

Sinalo:”Uyazi ukuthi ubabMongezi nguyena owayenishayelela njalo maniya kumaholide.”

MamGugu:”Hhayi besishayelelwa isisebenzi.”

Sinalo:”Mama mina ngangihlala ngimubona, ubabMongezi wayegqoka izimpahla zabashayeli ahambe nani, kodwa maniya duzane la bekushayela abashayeli bangempela.”

MamGugu:”Ubusaseyingane ndodana lokho bebangakwenzelani?”

Sinalo:”Asazi mhlawumbe bebantshontshana nje.”

MamGugu:”Uyabhedake manje asambe.”

Sinalo:”Uboke umbuze ubabMongezi wenze ngathi ububona kodwa ungazi umangale. Mina iyangihlupha lento mama makanishayelela kungani bekakucashela wena angazivezi, ubaba bekazi futhi ngoba bekahlala akhuluma naye babhekene emehlweni uthi ungaqhamuka wena abheke phansi ubabMongezi noma ayongena emotweni ngokushesha.”

MamGugu:”Sinalo wena uyathanda ukunaka kakhulu noma into ingekho uyayigubha. Akwenzi umqondo bekangasilandelenani sibe sihamba siyozijabulisa singabashadikazi?”

Sinalo:”Yingakho ngifuna ukwazi.”

MamGugu:”Asiyiyeke le, ngitshele uzizwa njani ngiqhubeke nobaba wenu omdala noma ngimuyeke?”

Sinalo:”Mama sikhulile thina mina bengihlushwa isikhwele nje kodwa akumelanga umise impilo nemizwa yakho ngenxa yami. Ngiyamuthemba futhi ubabMongezi ukuthi nje benginesikhwele. Kuncono yena kunomunye umdodovu wekhehla esingawazi.”

MamGugu:”Asambeke ndodana ngiyabonga ngokungivezela imizwa yakho, uNathi noCebi bona bazizwa njani?”

Sinalo:”Yimina ngedwa bekanomhobholo ubhuti wangimangaza naye mangikhuluma naye wathi niyathandana ninobaba unibona emehlweni akukho angakwenza okubalulekile injabulo yakho.”

MamGugu:”Nikhulile zingane zami ngibuhlungu nje ubaba wenu ngeke anibone nigqoka amajazi eziqu ngeke anibone nishada futhi.”

Sinalo:”Mina ngeke ngishade nginovalo emva kwalento evelele uNathi.”

MamGugu:”Uzoshada lentombi yakho ngiyayibona ikuphethe  uphela nalokuqina.”

Asuse imoto ahleka uSinalo baqhubeke ngohambo baze bafike ngakhabo Lwazi.

Sinalo:”Nasi isithuthuthu sami mama.”

MamGugu:”Kanye nemoto ehambe ngobhuti wakho.”

Sinalo:”Bazokwenzani la kuze kuse pho?”

MamGugu:”Kukhona okungahambi kahle shayela amaphoyisa. Nali naletekisi belihamba labangani bakaNathi ngosuku lomncwabo waAmanda.”

Ayekele ucingo uSinalo ngoba wabezwa bakhuluma ngokuziphindisela avele asole ukuthi kukhulu okwenzekayo kodwa akafuni ubhuti wakhe aboshwe.

Sinalo:”Ngiyabuya ma.”

Ehlike amulandele umamGugu babona abesilisa bazihlezele nje ebaleni omunye uyadla uyakhuluma bangene. Bonke babheke emuva ngokushesha bamubone uSinalo kanye nomama kaNathi. Lo odlayo abahlangabeze

“Singanisiza ma?”

MamGugu:”Ngifuna umndeni wami ula.”

“Mama umndeni wakho ukhona ukahle wonke mabaqeda abakwenzayo bazoza ekhaya.”

Sinalo:”Ndoda suka sifuna ukungena phakathi endlini.”

Alume inyama lo obahlangabezile

“Mfanami indese seliqinile ukhulile manje ufuna kungena ngenkani.”

Kusondele omunye osokhulile nje kepha ufana naye lo obavimbile.

“Sawubona mama.”

MamGugu:”Ngifuna ukubona umndeni wami.”

“Mama kunesimo esibucayi endlini bazothi bangaqeda bese bayabuya ekhaya bonke bakahle.”

Andlule uSinalo bamuvimbe kusuke umsindo omkhulu.

Sinalo:”Ayyy maaan ngiyeke ndoda ungininda ngamafutha nxxx.”

MamGugu:”Hhey yeka ingane yami wena.”

“Mandla bayeke bangene.”

Mandla:”UNathi uthe bangangena bonke hhayi uSinalo nomama ndoda.”

“Kuncono umubize.”

Mandla:”Sebazoqeda umsebenzi lomfana akahlale la phansi nendese lakhe eseliqinile.”

Sinalo:”Elami lelondese eliqinile ngiyeke ngiyobona ubhuti wami nendese lami.”

Omunye ozihlele phansi ahleke agegetheke

“Ehhh mkhovu muyeke.”

Bamuyeke azilungise ihembe lakhe uSinalo sekacasukile omunye walaba abaqaphile ayongena endlini ngokushesha kuyobika, bese uyaphuma sekalandelwa ubabMongezi.

BabMongezi:”Nifunani la?”

MamGugu:”Ukube ushilo kuthi ngeke ubuye bengeke silokhu sithungathana nani, kwenzenjani la.”

Amundlule ayongena phakathi afice kugcwele igazi ubhuti kaLwazi ulele lapho inkosikazi yakhe ihlezi kulo legazi. Abazali bakaLwazi abajabulanga nabo ikakhulukazi umawakhe.

MamGugu:”Nkosnathi kwenzakalani la?”

Akekho ophendulayo kuthuleke manje kuzwakala ukuchiphiza kwaBongiwe…

***ISIQEPHU 32***

***KWAKHOZA***

Athuke umamGugu ababuke bonke ngamunye ngamunye makabheka uCebile uyakhala esifubeni saLwazi, naye uLwazi uyakhala.

MamGugu:"BabKhoza sanibonani."

Khoza:"Sawubona maNkosi."

MamGugu:"Kwenzakalani la mamKhoza?"

MaKhoza:"Ngicela utshele umndeni wakho umukise indodana yami esibhedlela uyafa lomuntu."

Abhekise amehlo kuNathi angamubheki nhlobo uNathi kodwa uyayibona indodana yakhe ithukuthele. Abheke ubabMongezi babhekane agcine sekashalazela ubabMongezi naye uhlafuna umhlathi.

MamGugu:"Kusukela nini kuxazululwa izinto ngodlame kulomndeni bhuti?"

Angaphendulwa

MamGugu:"Mina ngiyayishayela manje inqola imukise lomuntu esibhedlela. Yini enizoyithola ekumbulaleni phambi kwabazali bakhe."

Nathi:"Uzopha lo sonke simubhekile aze afe njengoba nami eyami inkosikazi yopha yaze yangishiya."

Avule umlomo umamGugu avele angazi kuthi athini.

Nathi:"Yebo ma nguyena  owabulala inkosikazi yami, size naye la emndenini wakhe kuthi azozwa lento engayizwa. Inkosikazi yami yafela imoto udodi wemoto kungani bangazange bathathe leyo moto bahambe."

Athwale izandla ekhanda umamGugu akhale

BabMongezi:"Sinalo thatha umawakho nihambe naye kanye nosesi wakho."

Sinalo:"Cha baba ngifuna ukumbona nami afa lo ngifuna aphume umphefumulo ngimubhekile futhi kungani inkosikazi yakhe isaphefumula."

MamGugu:"Ohhhhh shwele baba Sinalo anginikhulisanga kanjalo, Nkosnathi."

Nathi:"Ufuna ngenzeni mama uyazi umkami ubulawe anezinyanga ezimbili akhulelwe, wena ufuna ngifulathele kanjalo."

Asukume uMsizi

Msizi:”Siyazwisisa kubi akwenzile kepha siyacela ningamubulali akaboshwe okungenani.”

Angaqedi kukhuluma uMsizi amushaye ngesibhakela uNathi adiyazele ayowela ezinyaweni zika babMongezi. Amususe kuye ubabMongezi ngokumkhahlela awele buqamama nabo.

Khoza:”Nkosi lana nizele indodana yami eyodwa lona sekashawelanike?”

BabMongezi:”Tshela indodana yakho ibuyise umakoti wendodana yami makungenjalo uyafa umakoti wakhe phambi kwenu nonke.”

Aphakamise isandla esiphethe isibhamu uNathi asibhekise kuBongiwe, kusuke umsindo omkhulu lo bakhala ngokumemeza.

MaKhoza:”Ngiyakucela ndodana sizokwenza noma ngabe yini enikufunayo.”

MamGugu:”Mongezi yekela yonke lento eniyenzayo manje.”

Nathi:”Ukuyiyeka lento kuzobuyisa umkami ma?”

MamGugu:”Ukubazwisa ubuhlungu kanje buzomubuyisa na?”

Bathule uNathi abheke ngakuyise uMsizi uyopha manje

MamGugu:”Letha ukhiyo Sinalo ngihambe.”

Bamumangalele bonke

MamGugu:”Mongezi mina anginawo umndeni ongababulali, uma niphenduka ababulali manje kusho kona ukuthi ngisemndenini owrong.”

Babamongezi:”Gugu.”

MamGugu:”Cha nonke anginazi la nonke, wena Nathi uwukhiphe lowo mphefumulo ngiyakuthembisa mfanami ngizokungcwaba uphila ngenhliziyo, nawe Mongezi.”

Afulathele abheke ngakuLwazi

MamGugu:”Cebi noLwazi asambeni nishiye lezidlova lezi.”

Asukume uCebi

Lwazi:”Mama ngiyaxolisa kepha angikwazi ukushiya abazali bami ngalohlobo, Nkosazana hamba nomama.”

Anikine ikhanda uCebile aziphose kuLwazi asuke ngesankahlu uNathi afike abahlukanise abheke uLwazi.

Nathi:”Kusukela namuhla obekusihlanganisile nalomndeni kuphelile konke. Kusukela kwinkontileka kufika kuCebile.”

Khoza:”Ndodana bayathandana labantwana.”

BabMongezi:”Ndodana ukhulume into beyilokhu isemqondweni wami, ngike ngikubone mfanami emagcekeni akwaNkosi ngisho undlula ngakhona ungofileyo, kusukela manje anisathandani.”

MamGugu:”Abantwana benzeni ngoba uLwazi wayesekhaya masihlaselwa?”

BabMongezi:”Unegazi lombulali womakoti wakho ofe nomzukulu wakho, uyangizwa Gugu phakathi kwemithambo yakhe kugijima igazi lombulali womzukulu wakho. Ufuna igazi elinjalo lihlanganyele nathi. Noma kungathiwa uyakhulelwa uCebile ingane yalezinja mina baba wakhe ngizomukhipha leso sisu ngizoyibulala leyo ngane ezobe inegazi lombulali.”

Akhale uCebile azame kubamba uLwazi kodwa umubambile ubhuti wakhe noLwazi azame kubalandela amubambe uMsizi.

Cebi:”Lwazi mina ngiyakuthanda.”

Lwazi:”Ngeke ngikuyeke nkosazana wena ungubambo lwami.”

Baphume babashiye benjalo uLwazi kusaduma amagama kababMongezi ‘noma kungathiwa ukhulelwe uCebi uzosikhipha yena leso sisu’.

Lwazi:”Sinalo.”

Sinalo:”Nami ngizizwa njengabo uma ungabonwa yimina kuqala ngasekhaya bazozwa emva kwendaba uzofa. Ngizokubulala Lwazi hlukana nodade wethu.”

Zehle izinyembezi kuKhoza makabheka indodana yakhe encane, manje ibijabulile nje. Bayogibela ezimotweni zabo uCebi ulokhu uyakhala azibuke izimoto ziyosithela. Kusele ubabMongezi noSinalo esithuthuthwini basigibelile kepha babuke egcekeni. Nabo balandele kusale umsindo nje. Batatazele bagibelise uMholi emotweni

MaKhoza:”Asambe baba.”

Khoza:”Ngeke ngiphephise umbulali mina maKhoza, ingane yami namuhla iphucwe umkayo esandleni ngenxa yalendodana yakho.”

MaKhoza:”Baba.”

Khoza:”Hhey mangingadakelwa maKhoza.”

UmaKhoza selokhu bashada nomyeni wakhe akakaze enze into yedwa, namanje akhethe ukusala nomyeni wakhe yize kubuhlungu kuye. Noma ngabe enzeni uMholi kepha uyindodana yakhe wamuzala. Aphume amadodana akhe aphelezele ubhuti wabo omdala kanye nenkosikazi yakhe. Mabaphuma nje afulathele uKhoza ayongena egunjini labo amulandele umaKhoza.

MaKhoza:”Baba."

Khoza:"Mana nkosikazi angifuni ukukhuluma ikhanda lami liyazula lomfana ukube ngamuyeka le kwandonga ziyaduma yonke lento bengeke yenzeke. Yimina obulele umakoti wakwaNkosi."

MaKhoza:"Ungazibeki icala baba akusinguwe."

Khoza:"Ngabe ngamyeka kulezintaba abehamba kuzo, uze la wabona imoto okungesiyo eyakhe wayihalela ngenxa yomhobholo kwaze kwaphuma nomphefumulo ongenacala."

Khoza:"Yehlisa umoya Mkhathini uyasazi isimo sempilo yakho."

Khoza:"Kufana nokuthi sengifile kuyimanje, ukubona uLwazi ehlukumezeka kuyangibulala. Umfana wami uyayithanda lengane yabo, ohhhh kujabula uNkosi osozilele angaboni yonke lento ebuhlungu kangaka."

Abhekise ikhanda phansi uKhoza zehle izinyembezi, yena uzwela indodana yakhe ngoba uhlala abhekana nobunzima maziza kwezothando. Athule umaKhoza ngoba akazi amududuze kanjani umyeni nakuye kubuhlungu, futhi ukhalela nalendodana yakhe abahambe nayo angazi nokuthi isazophila na…..

## ***ESIBHEDLELA***

BoLwazi balindile uMholi bavele bamuphuthuma ngoba abegcwele igazi kungaziwa ukuthi wopha kuphi, uBongiwe naye bamatasa naye. Kukhale ucingo lwaLwazi aluphakamise.

Lwazi:"Nkosazana."

Uyachiphiza uCebile kube buhlungu kuLwazi

Lwazi:"Nkosazana usukhale kakhulu manje phumula uzokwazi ukuvuka ukahle, uzosuke uphathwe ikhanda."

Cebi:"Uzongiyeka ngempela Lwazi?"

Lwazi:"Never nkosazana yami never uma kumele ngife inkinga ayikho ngizofa ngikulwela ngeke ngikuyeke."

Cebi:"Uma bangakubulala ngiyathembisa ngizokulandela."

Lwazi:"Ngicela ungenzele okuthile."

Cebi:"Noma ngabe yini."

Lwazi:"Yekela ukukhala manje ulale bobhuti bakho bazowehlisa umoya ukuthi basathukuthele njengathi sisathukile ukuthi uMholi angenza into enjena."

Cebi:”Kulungile sthandwa sami.”

Lwazi:”Ngiyakuthanda.”

Cebi:”Nami ngiyakuthanda, ungazise unjani ubhuti nomkakhe.”

Lwazi:”Kulungile.”

Aluvale ucingo uLwazi azibambe uMsizi amubhambathe ehlombe elilodwa

Msizi:”Basathukuthele mfana mama uzokwehla umoya.”

Kuqhamuke unesi oyedwa uqonde kubo basukume nabo bamuhlangabeze.

Msizi:”Usenjani, banjani?”

Nesi:”Usisi kumele athole lamaphilisi nizowathenga ephamarcy yala esibhedlela.”

Lwazi:”Ngiyayibona.”

Nesi:”Nayi iprescription.”

Abanike lepheshana abashiye lapho

Msizi:”Waze wayenza indaba uMholi.”

Lwazi:”Mina ngimangazwa ukuthi makathola ukuthi ikhabo mkami la bebayoganga khona akayekanga ngani.”

Msizi:”Mhlawumbe abenganakanga.”

Lwazi:”Cha bhuti uyakhumbula incwadi yahanjiswa yini kanye nobaba, yena wayifaka kulebhokisana leposi.”

Msizi:”Ngiyakhumbula yazi, uMholi bahlulwa ukucabanga nje uyabona uma angashona kuzoba nalenzondo phakathi kwalemindeni.”

Lwazi:”Namanje bhuti yazi umndeni kaCebi wangamukela kamnandi kanjani ngikhuluma nawe nginekhontileka nekhampani yabo engifakela isigidi ngenyanga, manje nakho kumele ngikukhohlwe. Kodwa anginandaba nemali angifisi bangihlukanise noCebi bhuti ngingaba yini kodwa na.”

Msizi:”Kuzolunga bafo, mina ngibonga nomsebenzi owenzayo buka nami ngifike ngisemahlombe akho yize umncane uNkulunkulu ukubusisile ngengqondo ekhaliphile.”

Bahambe bayothenga amaphilisi aBongiwe babuye balinde ubhuti wabo abakezwa lutho futhi akukaphumi ngisho noyedwa la abanaye khona.

***ISIQEPHU 33***

***MAMYOLI***

Usuku lwesithathu manje umamYoli athunywa uKhumalo kubameli bakhe, namuhla uvuke wazilungisa waya khona. Usetekisini ashayele ucingo lwakhe lukhale kabili aphendule.

Msizi:"Mamfundisi."

MamYoli:"Kahle bo ukudlala ngami."

Msizi:"Ngidlala ngawe kanjani ngoba unguye."

MamYoli:"Usungangipha ugcobo kalula kanjalo nje."

Msizi:"Awuphiwa yimina kepha uNkulunkulu kudala akunquma lokho."

MamYoli:"Ngithi angikwazise ngiya kubammeli baKhumalo njengoba angicelile."

Msizi:"Kulungile sthandwa sami ngiyabonga ukungazisa."

MamYoli:"Ukuthi angifuni uye endlini ungangitholi."

Kuthuleke

MamYoli:"Msizi."

Msizi:"Mmm uxolo sthandwa kumele ngihambe Lwazi ngena."

Angalindi impendulo aluvale, angene kulebhilidi umamYoli akakaze eze endaweni enje futhi yinhle. Asondele kunabantu ababili abahlezi phansi yena aye kumabhalane.

MamYoli:"Sawubona."

Mabhalane:"Unjani sisi?"

MamYoli:"Ngiyaphila, ahm ngingamthola  adv.Tshabalala noma adv.Mkhaliphi?"

Mabhalane:"Unalo iphoyinti?"

MamYoli:"Cha anginalo."

Mabhalane:"Labammeli obafunayo bamatasa ngenye indlela uma ufuna ukuba bona kumele wenze iphoyinti."

MamYoli:"Akukho nje nesikhala ongangifaka kuso?"

Mabhalane:"Cha sisi asikho."

MamYoli:"Ngenzele iphoyinti."

Achofoze umabhalane isikhashana

Mabhalane:"Iphoyinti lakho lisemasontweni amabili azayo ngoLwesibili."

Kukude akazi okuzokwenzeka kuKhumalo asalinde lephoyinti.

MamYoli:"Kulungile kepha ngicela umutshele uAdv.Tshabalala ukuthi iklayente lakhe lisesibhedlela lifuna ukushintsha ifa lakhe ngokushesha."

Mabhalane:"Hawu awushongo ngani kwaseqaleni indaba enjalo iyaphakanyelwa ngicela ungiphe inombolo yefayela laleyo klayente."

MamYoli:"Angazi lutho sisi mina ngiwumuntu nje azicelele yena ngizindlulela, futhi akafuni nakwakhe kwaziwe."

Mabhalane:"Ubani leklayente ngizomucinga ngesibongo."

Kuqhamuke ummeli oyedwa nepotimende lakhe alandelwa iphoyisa ngemuva

Phoyisa:"Mr.Mkhaliphi lokho awukushongo kimi."

Mr.Mkhaliphi:"Manje ngiyasho angithi stop following me ngeke ngiwushintshe umqondo wami."

Amusabe umamYoli ngoba ngathi uyathetha, amubheke kuthi uya kuphi makasithela asuke naye ngejubane.

Mabhalane:"Hhey you cant do that."

Angamunaki naye agijime asithele la kundlule khona lommeli, amahhovisi amaningi wonke abhaliwe magama emnyango. Awandlule aze afike kwelibhalwe uMkhaliphi kanye noTshabalala aqondene avuleke kakhulu womabili. Masekazongena amufice umabhalane kodwa angene kuleli likaTshabalala. Bemile bobabili abammeli bamangale.

"Kwenzenjani manje?"

Mabhalane:"Ngiyaxolisa mnumzane ungena ngenkani besisenza iphoyinti."

"Muyeke."

Mabhalane:"Cha mnumzane kukhona okulindile ngaphandle iphoyinti lakhe manje."

"Kumele ngiziphinde manje siphe imizuzu emihlanu nomama wena tshela iklayente lingilinde ehhovisi."

Aphume umabhalane umamYoli asale azilungisa ababuke bobabili bamubhekile aze abe nezinhloni.

MamYoli:"Ngiyaxolisa kungena ngalendlela."

"Ufuna bani kahlekahle?"

MamYoli:”Ngithunywe kumnumzane Tshabalala noma Mkhaliphi angimazi imuphi ngilandele yena ngoba ngizwe babiza isibongo sakhe.”

“Ungakhuluma ma ngathi kuyaphuthuma mina nginesikhathi, ungahamba kuyobheka iphoyinti lakho.”

“Ngiyabonga baba.”

Aphume abahalele umamYoli kusho ukuthi ubaba wakhe lo, yena akazicabangi ukuthi usazoba nayo ingane. Nakhu uhlangene nomuntu omthandayo sekakhulile athuke ummeli sekadonsa isikhwehlela.

MamYoli:”Ohhh ngiyaxolisa ngithunywe umnumzane Khumalo uthi ngizokubiza futhi unginike lephepha.”

“Igama ngiwuThabiso ngicela ungibize kanjalo ma.”

Athathe lepheshana alifunde

Thabiso:”Ugula kangakanani?”

MamYoli:”Eyyy yena uyagula kodwa uyakhuluma anginalo ulwazi olugcwele kuthi ugula kangakanani.”

Thabiso:”Inkinga ukuthi umuntu akalishintshi ifa makagula kakhulu ngoba lokho kuyaye kubonakale ngathi kukhona omenzisayo usuke angekho ezinqondweni zakhe kahle. Wena uhlobene njani naye?”

MamYoli:”Asihlobenanga besingazwani nje yonke leminyaka, kodwa ungubaba wengane yami abengazi ngayo ngoba ngabaleka.”

Ayeke ukufunda uThabiso ahlanganise izandla zakhe ngathi ziyaxhawulana indosolwane ime phezu kwetafula abheke umamYoli.

Thabiso:”Angisho ukuthi uyisigebengu ma kodwa uyayibona lento engiyishoyo. Mhlawumbe ngoba sekahlangene nengane yakhe ufuna kufaka yona kokunye. Masekashonile wena uzobukeka ngathi nguwena okwenzile lokho inkantolo izoyivumela inkosikazi kuthi ilwisane nawe enkantolo.”

MamYoli:”Ayyyy mina angazi lutho mangabe ufuna ukushintsha afake ingane yami ngicela uyeke inkosikazi yakhe ngiyisaba kabi yake yacisha ukungibulala mayizwa ukuthi ngikhulelwe.”

Thabiso:”Mana ngicinge loKhumalo ukuthi uyena muphi.”

MamYoli:”Singamushayela ngizoshayela omunye osesibhedlela ayomunika ukuthi akunike inombolo yefayela.”

Avume uThabiso umamYoli ashayele uMsizi ngoba uthe kuye uzoya esibhedlela. Amutshele ukuthi ahambise ucingo kuKhumalo alinde isikhashana lukhale futhi ucingo umamYoli alunike uThabiso.

Khumalo:"Yoliswa."

Thabiso:"Cha yimina ummeli uTshabalala mnumzane."

Khumalo:"Ohhhh ngaze ngajabula uthole wena."

Thabiso:"Ngifuna inombolo yefayela lakho."

Khumalo:"BK 205."

Thabiso:"Ngizokuthinta mangiqeda kulibuka."

Ashayele umabhalane kuthi amulethele lelo fayela makaliletha alibheke uThabiso.

Thabiso:"Ohhh uKhumalo lo uhlakaniphe kabi akusiye umuntu ongamuchaphaza noma sekagula. Kulungile ngizoya kuyomubheka esibhedlela."

MamYoli:"Ngingakucela okuthile?"

Thabiso:"Ngilalele."

MamYoli:"Uma isizathu sakhe sokushintsha ifa sifaka ingane yami ngicela ungalishintshi mnumzane uzomane uvume kuye."

Amoyizele uThabiso

Thabiso:"Cha angikwazi kukwenza lokho kumele kwenzeke intando yakhe ngoba imali eyakhe. Ulifundile lepheshana makakunika?"

MamYoli:"Azange ngicabange futhi."

Kungene uMkhaliphi

Mkhaliphi:"Baba ngale nginedivosi efuna kuthatha konke abakusebenzele uthi umkakhe abengasebenzi sonke lesikhathi imali eyakhe."

Thabiso:"Ayy abanye abantu bayagula sonke lesikhathi abengamushayi yini umkakhe ngoba sekafuna bahlukane angatholi lutho."

Ahleke uThami

Thabiso:"Usuqedile?"

Thami:"Sekahambile manje ngiya esibhedlela."

Thabiso:"Ohhhh kunani khona kunini uya esibhedlela kulesonto?"

Thami:"Kukhona engikulungisayo okungatheni."

Thabiso:”Lana ngineklayente elifuna ukushintsha ifa liyagula lisesibhedlela, futhi ushintsho lukhulu.”

Thami:”Bazothi uchashaziwe.”

Thabiso:”Usasenqondweni yakhe kodwa ngimuzwile ngihlushwa ukuthi inkantolo ngeke iyi apruve.”

Thami:”Kunini ngikufundisa baba ikhanda ligcwele usimende.”

Thabiso:”Ngizokushaya wena.”

Bahleke

Thami:”Sizobuyisela isitembu emuva ngeminyaka emibili bese usuku esilukhethayo simukisa kuJudge D. for approval ngeke anqabe ngoba.”

Bobabili:”Siyamazela.”

Thabiso:”Uqinsile ngizokwenza njalo kodwa ngiyele kuye uyomuzwa uthole nesignature yakhe.”

Thami:”Ulele kuliphi igumbi ma?”

Amutshele

Thami:”Kulungile.”

Thabiso:”Uhamba ngani mama mhlawumbe uya ngala kuya khona lembuzi.”

Alinde impendulo uThami

MamYoli:”Ngizoya esibhedlela.”

Thabiso:”Hamba naye Thami, lomsindo namuhla ngiyathemba ngeke ubekhona.”

Thami:”Kulungile baba.”

Aphume umamYoli alandela ummeli omuncane uhalela ngathi kube naye unendodana nje. Azicabange sekanengane noMsizi aze amoyizele kodwa sekakhulile.

Mabhalane:”Mnumzane usalikhumbula iphoyinti lakho ledinner?”

Thami:”Ngiyalikhumbula ngiyabonga.”

Aphume bayongena emotweni amuvulele isivalo bahambe.

Thami:”Umama yena uhlobene nobaba osesibhedlela?”

MamYoli:”Cha ungicelile nje kuthi ngimuzele la.”

Thami:”Ohhh.”

MamYoli:”Unemnyaka emingakhi?”

Amoyizele uThami

Thami:"Iminyaka ephelele ma."

MamYoli:"Hawu kodwa uNkulunkulu akubusise ukundlula lokhu unobuntu. Ngathi ungathola nenkosikazi ezokunakekela."

Amoyizele futhi uThami bahambe baze bayofika esibhedlela bangenisane umamYoli asale ashayela uMsizi.

MamYoli:"Ungakuphi?"

Msizi:"Sthandwa sami ungezi la esibhedlela."

MamYoli:"Ngobani ngifuna kukubona kancane ngeke ngikuphazamise."

Msizi:"Ngizoza mina mangiqeda la."

MamYoli:"Msizi angizwani nezimfihlo mina manje ngiyabona kukhona ongifihlela kona, uma kunjalo asikho isidingo so."

Amungene emlonyeni ngokukhohlela abheke emuva ngoba lomuntu ngathi uduze naye. Ngempela nangu uMsizi wakhe kodwa ulimele ebusweni athuke yingakho angezi kuzimubona.

MamYoli:"Mfundisi."

Msizi:"Yoli."

Azame kumuthinta la alimele khona ebusweni

MamYoli:"Kwenzenjani?"

Amuhage

Msizi:"Ngikahle ngikutshelile ungezi la kwenzenjani kanti ungalaleli."

MamYoli:"Ubungifihlela lokhu?"

Msizi:"Yebo indoda sekumele ingabi nezimfihlo kulomuzi."

Amoyizele okungatheni kodwa usaphatheke kabi.

MamYoli:"Msizi."

Msizi:"Sthandwa sami hamba mangiqeda la esibhedlela ngizoza ngizokuxoxela konke."

Bahagane futhi

Msizi:"Buya ngikuhambiseke."

MamYoli:"Cha sthandwa sami ngizothatha itekisi, ubekahle ngiyakucela."

Bahlukane lapho alokhu akhathazekile ngaye umamYoli aze ayengezele nezinyembezi emehlweni.

MamYoli:"Awukwazi Somandla lendoda ngiyayithanda uma asenkingeni nicela umuphe amandla okuyinqoba leyo nkinga."

Makajika ikhona uMsizi abheke emuva usamubhekile umamYoli babukane bese uyasuka umamYoli afulathele kuqala…

***ISIQEPHU 34***

***DANISILE***

Sekuphele isonto lonke uMihla ehlala kwaNsizwa futhi naye uNsizwa ulala egunjini lezivakashi noMihla njalo. Kwahlula noma ekhala uDanisile ngobusuku bokuqala kuthi umushiye wayolala noMihla. Abexolisa uNsizwa ntambama ayongena egunjini labo kodwa phakathi nobusuku avuke ahambe. Uhlala ezibamba kuthi angayi kaDumsane yize ahlala efisa. Uyazazi ukuthi akamuthandi loya mlisa ukuthi wamenza wazizwa ubufazi bakhe.

Uzama ngakho konke okusemandleni,akhe ukuziba uMihla akamukhulumisi nhlobo nje, behle bobabili sebagezile. UNsizwa makabona inkosikazi yakhe kuba ngathi ingqondo iyabuya ngoba uyaswaba aye kuyo kuyomuhaga.

Nsizwa:”Usuvukile ekuseni kanje mkami.”

Dani:”Kukhona la engiya khona.”

Nsizwa:”Umuhle mkaKhumalo kakhulu futhi.”

Mihla:”Sawubona mkakhe.”

Dani:”Nsizwa ugcine nini kini?”

Nsizwa:”Kudala ababambi izingcingo yazi.”

Mihla:”Uyabona akangikhulumisi noma ngimubingelela wenza kanje.”

Dani:”Ubaba usesibhedlela, umama uhlala asesibhedlela yingakho angaluzwa ucingo malukhala.”

Athuke uNsizwa

Nsizwa:”Kungani ubungangitsheli?”

Dani:”Ngizwe izolo nami.”

Athathe ukhiyo wemoto uDansile makafika emnyango ajike ulokhu umubhekile uMihla kabi futhi. Aqonde egunjini lakhe athathe ucingo aphume akhiye futhi uNsizwa usamangele.

Nsizwa:”Uzoya nini ukuyombona?”

Dani:”Mangibuya la engiya khona.”

Nsizwa:”Sizohamba ndawonye ngilinde ngishayele emsebenzini.”

Dani:”Sheshake.”

Nsizwa:”Kulungile.”

Mihla:”Nami ngizohamba phela umkhulu wengane yami le, umzukulu wakhe wokuqala.”

Nsizwa:”Cha angikwazi ukuqhamuka nawe lapha mhlawumbe umndeni uphelele angifuni umsindo.”

Mihla:”Bayazi ngami nje?”

Nsizwa:”Noma bazi ngawe akumele sizenzele.”

Athukuthele abashiye lapho, amulandele uDanisile afike angene egunjini lezivakashi ayongena endlini encane avale umnyamgo. Asondele naye amuzwe akhuluma yedwa

Mihla:”Vuma konke engikushoyo kuwe Nsizwa.”

Adideke ukuthi uqondeni ngalamazwi awashoyo aphume ngokushesha aye ekhishini afike uNsizwa asakhuluma ngocingo.

Dani:”Asambe phela.”

Baphume masebagibelile emotweni yaNsizwa aqhamuke uMihla

Mihla:”Nsizwa ngicela ukuhamba nani hawu.”

Ubheke phansi uNsizwa uzilungisa ibhande amuphendule.

Nsizwa:”Buyela endlini Mihla ngikutshelile angithi asihambi nawe.”

Aphakamise ikhanda babukane uMihla adlalise indandatho yakhe, azikhumule ibhande uNsizwa ngokushesha aphume aye kuMihla. Amubambe azomufaka emotweni amangale uDanisile kuthi kwenzakalani.

Mihla:”Ngihlala kabuhlungu la emuva Nsizwa nawe uyazi.”

Angachithi nasikhathi uNsizwa elokhu ecabanga engaqedi akhulume kugcwale umlomo.

Nsizwa:”Dani hamba uyohlala emuva.”

Dani:”Wehlisa mina Nsizwa emotweni yethu kuthi kugibele intombi yakho phambili? Ungithathisa okwesilima ne?”

Nsizwa:”Hawu kahle Danisile sekumele kubangwe isihlalo ngathi uyingane ukhulelwe uMihla uyazi nawe futhi sizofika sonke ngesikhathi esifanayo la esiya khona. Yehlika yehlika.”

Aze amuphushe ngesandla esisodwa ehlike uDanisile ikhanda lakhe lingezwisisi kahle kuthi kwenzakalani. Ayogibela emuva ibuhlungu inhliziyo yakhe nala endleleni ngathi akekho nje baxoxa bodwa isandla sikaMihla silokho sisethangeni lomyeni wakhe. Behlike mabangena emnyango uhambela emumva uDanisile bona babambene ngezandla bahamba phambili. Bazithele kumaKhoza namadodana akhe amabili uNsizwa akababoni bonke bamangele babuke lesimo. Bazi ukuthi usejele uDanisile

akafuni ukubabona. Sebahlezi nje balinde usuku lokuyomuxhasa enkantolo abuzwe ubuhlungu umaKhoza indodakazi yakhe le ihamba nomakhwapheni womyeni wakhe ulandela ngemuva ngathi uyisimaku nje.

MaKhoza:"Danisile."

UNsizwa kube khani abheka emuva ayekele isandla saMihla ngokushesha, ahluleke kukhuluma uDani akhale ayoziphosa ezandleni zamawakhe ezivulekile. ULwazi aqonde kuNsizwa amushaye ngesibhakela makathi uyamuphinda futhi amubambe uMsizi.

Lwazi:"Nsizwa awumulahli ngani kunokuthi umenze kanje."

Nsizwa:"Ngenzeni Lwazi?"

ULwazi abuke uMihla omubhekile naye acasuke kakhulu kanti iyona lentombazane echitha umshado wasesi wakhe. UMihla yena umangazwa ubuhle bukaLwazi phela uyaqalla kumubona engagcwelanga amalahle, iwashi lakhe uyalibona liyabiza. Anikine ikhanda angaqedi uLwazi afulathele uMsizi amulandele bayongena emotweni bonke. Iqonde kwaKhoza abakhulumi lutho la endleleni baze bafike. UKhoza uhlezi esibayeni sakhe makabona indodakazi yakhe abe nokuxola aphume ngokushesha kepha adikibale makafika duze nayo iyakhala ayihage. Asikhihle isililo sikaNandi uDani kakhulu manje, akhalele zonke lezinsuku abengakhali ngazo azibamba. Bangene endlini bayohlala phansi.

MaKhoza:"Baba indodakazi yakho nayi sihlangene naye nomyeni wakhe bahamba neshende lalomyeni wakhe. Bona babambene ngezandla indodakazi yakho ibalandela ngemuva. Mubuze mhlawumbe sekagula ngengqondo lo lomfana akanandaba naye."

Angaphenduli uKhoza aqhubeke nokuthulisa ingane yakhe ize yehlise umoya.

Khoza:"Usazithanda nje mntanami?"

Dani:"Baba ngiyafuna ukumyeka uNsizwa nami sengibuzwe kwanele ubuhlungu."

Abaxoxele konke okwenzekayo ukuthi umushiya alele aye kuMihla.

MaKhoza:"Akasiyedwa umyeni wakho mntanami ngempela loya mfana uyakuthanda lentombazane ikhona into ayenzile kuye."

Dani:"Yazi mama ekuseni uNsizwa abengafuni sihambe naye yena waya egunjini lakhe ngamufica akhuluma yedwa kuthi uNsizwa akenze into ayifunayo. Uthe makabuya lapho uNsizwa amubheka wavele wavuma konke waze wangehlisa athi ngiyogibela ngemuva."

Babhekane bonke endlini

Khoza:"Izinkinga ezingaka kodwa bantwana bami yini?"

Msizi:"UNkulunkulu akasaziwa kulomndeni, mama usikhulise ngokuhlonipha uNkulunkulu kepha angikaze ngizwe nangelilodwa ilanga kukhulekwa kulomuzi. Njalo

ngo8 wawusibiza sonke sisakhula usikhulekise nawe awusakhuleki. Usathane ungenile kulekhaya kumele aphume."

Khoza:"Mina umbuzo wami nawu uma sotholile ukuthi lentombazane imudlisile ngempela mhlawumbe ukhone ukumsiza iphume leyonto uzobuyela kuye futhi na?"

MaKhoza:"Umshado wakhe lo baba Dansile umfowenu usesibhedlela yekela ukuba buthaka nawe sukumela impilo yakho ungahlaleli kunyibilika njalo makubheda. Manje kumele ngabe sikhulekela ubhuti wenu cha nonke ninezinkinga nje."

Kungene uCebi amehlo avuvukele angabingeleli ayozihloma kuLwazi akhale. Ajabule uKhoza ukubona umakoti wengane yakhe ngoba selokhu bagcinana ngeviki elendlule umndeni wakhe mawubahlukanisa.

MaKhoza:"Cebile ukahle sesi?"

Anikine ikhanda

Cebi:"Kudala ngifuna kuzobona uLwazi kodwa bayanginqabela."

Lwazi:"Nkosazana kumele sibalinde behlise umoya."

Cebi:"Ngeke bawehlise."

Amubambe ngesandla baphume bayongena egunjini laLwazi.

Dani:"Kwenzakalani?"

Bamuxoxele  ngoMholi asale amangele

Khoza:"Bona baphoqa isimo ngoba bethandana bobabili kuncono akufani nakuwe wena ushade wedwa. Umyeni wakho kudala adlala ngawe angathakathwanga ukube uyakwazi kufasa uzibhu lentombazane bengeke ibe nawo amandla okumsondela aze akhone nokumdlisa mangabe umudlisile. Nxxxxxx."

Aphume uKhoza ayozihlalela ngaphandle yedwa, asukume uDanisile athi ulandela ubaba wakhe.

MaKhoza:"Mntanami muyeke ubaba akaphathekanga kahle lokhu kwakho sokuhlangene nekwaMholi."

Dani:"Ngiyezwa ma."

Msizi:"Mina ngikhathazekile ngoLwazi labantu bakaNkosi bazombulala."

Angakaligwinyi angene uNathi noSinalo babhalwe ebusweni kuthi badinekile.

Nathi:"Sizolanda uCebi."

Angene uKhoza amehlo aNathi akuDanisile aze amubheke nomaKhoza.

Khoza:”Lalelani la bafana ngeke silokhu sizochashazwa yini la. Uma ningamutholi udadewenu thina sizomazela kuphi?”

Nathi:”Asizanga ukuzolwa sizolanda okungokwethu.”

Khoza:”Akekho samugcina nihamba naye la.”

Angene ubabMongezi kanye nomamGugu bayahefuzela.

BabMongezi:”Uphi nimubhekile egunjini lalomfana.”

USinalo makathi uyaphuma amuvimbe uKhoza

Khoza:”Nkosi ungazongidelelisa ngabafana bakho, kukwami la anginandaba kuthi unguspoko noma kanjani hhayi la kwami. Fasani inja yenu ngeke nizosihlukumeza la.”

BabMongezi:”Ubiza ingane yami ngenja?”

Khoza:”Ungizwe kahle phumani.”

Angene uLwazi naye ukhishwa umsindo egunjini lakhe azithele kubo bemile, acasuke makabona ubaba wakhe acindezeleke obondeni ngoba ubabMongezi umusondele kakhulu. Adonse ubaba wakhe kuthi eme kahle kusunduzeke ubabMongezi. Eze anhlanhlatha uNathi azogxavula uLwazi.

Nathi:”Ufuna kushaya ubaba wami wena?”

Amushaye ngesibhakela amubuyisele uNathi baginqane lapho baze baphumele ngaphandle. USinalo ayongena bafuna kushaya uLwazi bobabili angene noMsizi. Yena ungena uyabachelisa akashayi kodwa bayamushaya, abashaye uLwazi bahluleke kumubamba.

Khoza:”Uyabona lomfana akasukeli muntu kodwa manje ngeke asakhuzeka thatha lezinja zabafana bakho niphume kwaKhoza manje.”

BabMongezi:”Uyangicasula mawuzobiza izingane zami ngezinja.”

Khoza:”Yizinja ezihamba zingena emizini yabantu thina asikaze siye kwakho sizihlezele la nilokhu nizosisukela.”

MamGugu:”Mongezi asambe.”

MaKhoza ahambe ayongena egunjini laLwazi ucashile uCebile naye akamuboni.

MaKhoza:”Hheywena phuma la okhona uhambe emzini wami ngeke silokhu sizoshawa abantu bakini la.”

Aphume sekaswabile agqoke izicathulo zakhe ijezi angasakhoni nokuligqoka amuphushele ngaphandle umamezala wakhe. Makabona umamGugu kuphushwa ingane yakhe ngalohlobo asanganelwe ikhanda. Aqonde kumaKhoza amukhe ngempama naye abuyisele.

MamGugu:”Ingane yami le mfazi ndini.”

MaKhoza:”Yigade ingalokhu ilandela indodana yami izizele la angithi uyabona.”

Sekunomsindo uDanisile avele ashayele amaphoyisa ngoba abalamuleki uLwazi akekho ongamazi ukuthi makathukuthele akathintwa isidumbu singaphuma kuye. Namanje uNathi noSinalo bayopha ubashayile sebababambile manje baqonde esangweni. UNathi akadeli yize ashayiwe aphunyuke kubabMongezi abuyele kuLwazi abahlukanise uMsizi.

Msizi:”Ndoda thatha usesi wakho nihambe ungakhathazeki makeza futhi uzoxoshwa yimina.”

MaKhoza:”Ngeke ngimuxoshe mina ngizomubulala kgaaa.”

MamGugu:”Uthini uzomubulala? Uzombulala njengoba usibulalele umakoti usho njalo ungumthakathi wena.”

MaKhoza:”Nguwena umthakathi wabulala umyeni wakho ngoba sofuna ubhuti wakhe kgaaaaa.”

Ajike umamGugu bangakhoni nokumbamba amuhlangabeze nomaKhoza balwe afike amaphoyisa basabalamula. Akekho ongophi akucaci nokuthi ubani osephutheni.

Phoyisa:”Sinibopha nonke.”

Khoza:”La kukwami babuze bafunani bona singabasukela kanjani abantu sisegcekeni lethu.”

UCebile uyakhala manje bebejabulile noLwazi badelisa nemizwa yabo umzuzwana nje sekuyathukwana. Amagama akamama Lwazi amuhlabe kakhulu makabheka uLwazi uthukuthele akabhekeki akafuni futhi kumubheka naye.

Phoyisa:”BoNkosi asambeni.”

BabMongezi:”Hhey wena sizokunilandela.”

Nathi:”Anikwazi ukushiya lesilwane lesi awubheke usenzeni.”

Khoza:”Ubiza bani ngesilwane wena mfana, ubani ongene kulamagceke wazogolomba isilwane sizihlelele nomndeni waso.”

Sinalo:”Wena Lwazi ubheke uhamba kuphi?”

Lwazi:”Mfanami ngizokulimaza blind mina ungalinge wenze iphutha lokunginyonyobela ngoba bazokuncwaba kini.”

Nathi:”Kuzongcwatshwa wena kuqala.”

Lwazi:”Voetseg.”

Msizi:”Lwazi ngena endlini ngeke bahambe nalephoyisa liyadidizela nje.”

Bangene bonke endlini bafakwa uMsizi kusale yena ngoba uyakwazi ukuzibamba. Ubheke uCebile ngendlela akhala ngayo ababuke bayogibela emotweni iphoyisa lisondele kuye.

Phoyisa:"Kumele nomndeni wakho uze sizothatha isitatimende, noma nivula icala?"

Msizi:"Bayeke ungahambi nabo asivuli cala."

Phoyisa:"Unesiqiniseko mnumzane?"

Msizi:"Yebo."

Lihambe iphoyisa izimoto zakwaNkosi azisekho ngaphandle kudala bahambile uMsizi angene endlini uLwazi usadinekile.

MaKhoza:"Kumele uhlukane nalomntwana Lwazi ngeke phela sihlale kabuhlungu kanje."

Khoza:"Abahlukane vele kuningi esibhekene nako asikudingi lokhu, uzomthola omunye."

Aphume uLwazi angaphenduli ayongena egunjini lakhe avale umnyango awukhiye. Amulandele usesi wakhe akokode aze ahambe naye abuyele endlini.

***__EMVA KWEMIZUZU ENGAMASHUMI AMATHATHU.__***

Khoza:"Hayibo Msizi awubheke  umfowenu ngale kumele niyobona lombulali."

MaKhoza:"Baba."

Aphume uMsizi ayokokoda angavuli amangazwe amanzi aphuma phansi komnyango awushaye kakhulu umnyango. Kuze noDanisile

Msizi:"Akavuli umnyango buka amanzi."

Balwe nomnyango umaKhoza eze nesikhiyo

Khoza:"Asingeni lesikhiyo angithi esakhe siyalenga phakathi, Danisile ngena ngefastela wena umncane ngomzimba."

Balibheke uMsizi athathe itshe phansi aphule ifastela ngalo basizane noDanisile ukuthi angene makagxumela phakathi nje.

Msizi:"Vula umnyango."

Awuvule bangene akekho embhedeni uKhoza aye endlini encane ngoba sekugcwele amanzi phansi aqhamuka ngakhona. Bamufice asebhavini lokugeza izinyawo zingaphandle ikhanda lakhe liphakathi babukane bamudonse aze abuye naye uMsizi.

Danisile:”Khipha imoto phakathi kwezinye Dansile.”

MaKhoza:”Yini kodwa mfanami, uthanda lentombazane ngempilo yakho vele.”

Pho uzophendulwa ubani ngoba kuthulekile uMsizi aphume nobhuti wakhe uyamusiza afike amufake emotweni bangene nabazali babo balibangise esibhedlela.

Khoza:”Amadodana ami esibhedlela womabili ngenxa yomndeni owodwa nje?”

Dani:”Khulula inhliziyo baba bazobuya ekhaya bobabili.”

MaKhoza:”UMholi limulindile ijele makalulama la.”

Bafike esibhedlela babasize ngoLwazi bahlale lapho balinde umaKhoza akanawo namandla okukhala uthukile nje. Basahlezi nje bezwe umsindo  wamaphimbo nowesifazane akhala. Babuke ngala abaqhamuka ngakhona nabodokotela ababili bayabahlangabeza bangakezwa ukuthi kwenzanjani. Bangawakholwa amehlo abo abakubonayo baze basukume ngesikhathi esisodwa…..

***ISIQEPHU 35***

***KWANKOSI***

Mabafika emaphoyiseni libajikise lephoyisa bangakangeni naphakathi, babuyele kwabo. Mabangena nje endlini

Nathi:"Uyacabanga nje Cebi?"

Cebi:"Uma nifuna ukungibulala ningibulale mina ngeke ngiyeke ukuya kuLwazi."

BabMongezi:"Cebile ukhuziwe angithi?"

Cebi:"Ngithi noma ningangishaya ningenzeni uLwazi ngeke ngimuyeke."

Afulathele basale babhekene ukumangala

MamGugu:"Nginitshelile ukuthi nihlukane noCebile lomfana akenzanga lutho ubhuti wakhe obulele kodwa cha amakhanda wenu avilapha ukucabanga."

Nathi:"Mama ngizomubuka kanjani mina uLwazi:"

MamGugu:"Umubuka uzobe umubukani ngoba bazoshada bayohlala kude le."

BabMongezi:"Ucabanga ukuthi bazohlala naye kanjani emva kokubona umama wakhona emuphusha kabuhlungu kanje uzonikela nengane yakho kulowa mndeni?"

Acabange vele umamGugu sebazomhlukumeza phela umntanakhe

BabMongezi:"Asambe uyoshintsha lezimpahla."

MamGugu:"Ngiyeke Mongezi ngizozihambela."

Amuyeke ahambe ayokokoda egunjini laCebi likhiyiwe akaphenduli, akokode aze ahambe. Nabobhuti bakhe bamukokodele kufane nje, asale edonsa umoya ubabMongezi. Aphume ayoma celeni kwezimbali zakhe.

BabMongezi:"Ngenzenjani makunje kodwa, nawu umndeni wami uhlukana phakathi ngikhona."

Eme lapho isikhathi uSinalo alokhu amubhekile agcine sekasondele eme celeni kwakhe.

Sinalo:"Abekhuluma ngani ubaba Lwazi makathi akanandaba noma siyizingane zaspoki?"

BabMongezi:"Angimazi ubungabuzi ngani yena?"

Sinalo:"Baba ngibuza wena ngoba bekakhuluma ngawe, nguwena uspoki na?"

Avule umlomo ngathi uzophendula aphinde awuvale angasho lutho.

BabMongezi:"Ngisayogeza ngikhiphe lesikibha esinamagazi wenu."

Sinalo:"Uye kumama mawuqeda uyakhala ngoba uCebi akavuli umnyango."

Angasayi egunjini lakhe aqonde endlini uNathi uzama ukugqekeza umnyango waCebi.

BabMongezi:"Cebi."

Kuthuleke akhahlele umnyango ubabMongezi noNathi amusize ngokukhahlela uwele phakathi bangene nabo bephoseka. Akekho embhedeni uSinalo aqonde endlini encane ukhiyiwe nakhona umnyango. Kudume amakhanda bawukhahlele umnyango bonke bobathathu beshintshana uvuleke uwele phakathi nawo. UCebi usebhavini lokugeza amanzi agcwele aze ayachitheka alokhu ayaphuma kubonakala negazi khona emanzini. Akhale kakhulu umamGugu abize negama lakhe.

Amuphakamise uNathi

Sinalo:"Uzisikile emithanjeni?"

BabMongezi:"Yebo."

Sinalo:"Mufake emotweni uzoshayela mina ngimuphampe amanzi."

Baphume begijima bonke basho umthandazo wabo omncane akaphaphame uCebi. Yonke lendlela uSinalo uzama kumukhipha amanzi uNathi uyashayela. Ngemuva bayalandela abazali babo ngenye imoto uyakhala umamGugu akafuni nokuthi amthinte ubabMongezi. Bangene esibhedlela begijima uSinalo ugijima phambili uNathi umuphakamisile. Bahlangatshezwe odokotela ababili omunye asondele nombhede uNathi amubeke kuwo, uSinalo uchazele omunye udokotela ukuthi kwenzenjani ngosesi wakhe.

Bafulathele noCebile bemuphusha babukane nje nebakwaKhoza bathukile kepha bona bazitshela ukuthi bala ngenxa kaMholi. UmamGugu usakhala kabuhlungu aze ahluleke umaKhoza asondele kuye ahlale celeni kwakhe amuthulise, amuphulula emhlane.

MaKhoza:"Uzophaphama umntwana sesi musa ukumenzela amabhadi ngezinyembezi."

MamGugu:"Ngeke ngizixolele ingane yami kungani ngingabonanga ukuthi ingenza into enje."

MaKhoza:"Mina ngixakiwe labantwana benza into eyodwa."

USinalo alalelisise laba abanye babukana kabi, uMsizi akabanakanga nje.

MamGugu:"Usho ukuthini mawuthi benza into eyodwa?"

Angakaphenduli kuqhamuke udokotela basukume bonke naye amangale udokotela abantu abangaka.

Dokotela:”Umndeni kaLwazi Khoza.”

MaKhoza:”Sikhona ngiwumama wakhe”

Dokotela:”Uzolulama okwamanje uzicelele ukuthi akafuni kubona muntu ngicela nihloniphe isicelo sakhe.”

Khoza:”Akafuni ukubona umndeni wakhe ingabe kusho ukuthini lokho?”

Dokotela:”Ukhathele emoyeni, ingqondo yakhe nayo ikhathele, akafuni kubuzwa kuthi abekwenzelani lokhu, akafuni kubukwa ngokuzwelwa.”

Dani:”Manje makangazama ukuzibulala futhi ngoba angafuni kusibona?”

Dokotela:” Ugadiwe ningakhathazeki, uma kungaba khona ushintsho nizonazisa umndeni mawukhuluke.”

Msizi:”Yena uphapheme kahle usemqondweni wakhe?”

Dokotela:”Yebo uyakhumbula futhi ukuthi wenzeni izigulane ebezizama kuzibulala kumele sibaphathe ngokuqophelela ngoba iphutha elilodwa nje bazocabanga isizathu sokuzibulala okunye uthukuthele uLwazi sihluleke nokubamba umthambo wakhe kuthi siwuhlabe ngoba igazi ligijima kakhulu.”

Kuze omunye udokotela amuhlebele bese uyafulathela asale adonsa umoya udokotela.

Dokotela:”Kusho ukuthi ngisheshile ukuphuma ewodini, manje bathole ukuthi wophe kakhulu. Uphinde waquleka udinga legazi ngokushesha.”

Asondele kakhulu uKhoza

Khoza:”Kumele senze njani dokotela?”

Dokotela:”Alikho igazi lakhe la esibhedlela kumele nonke nihlolwe masithola elihambiselane nelakhe uzomunika.”

Khoza:”Qala ngami dokotela.”

Msizi:”Cha baba wena awukho kahle qala ngami dokotela.”

Dokotela:”Ngisayalungisela ngokushesha mangibuya owokuqala abe sekalungile.”

Babukane bonke beme amakhanda abafulathele udokotela  abashiye basamangele, beme ngokuhlukana kwemindeni. Basadidekile kuqhamuke omunye udokotela aqonde kuSinalo ngoba uchazelwe nguye isimo sikaCebi futhi abekhuluma into ezwakalayo.

Dokotela:”Usesi wakho wophe kakhulu, manje bamulungisela kuthi aye eICU. Wophe kakhulu futhi isimo sakhe sibucayi kakhulu.”

BabMongezi:”Usizakalani kanjani umuntu makanjalo?”

Dokotela:”Sidinga igazi futhi kumele aphumule ngokugcwele.”

Sinalo:”Inhlobo yegazi lakhe ninayo la esibhedlela?”

Dokotela:”Cha asinalo kusalungiswa la enizohlolelwa khona.”

Abashiye nabo lapho kukhale ucingo lwaSinalo asuke kancane celeni komndeni wakhe ayokhulumela kude. Kusale kufika unesi ababize bonke bamulandele balindiswe ngaphandle.

Nesi:”Ngicela abathathu."

Kusukume uNathi noMsizi

MaKhoza:”Hamba sesi.”

MamGugu:”Ngiyabonga.”

Asukume umaGugu abalandele bahlaliswe ngokuhlukana emibhedeni babhalwe amagama badonswe namagazi. Kube khona owathathayo  ngaleso sikhathi ayowahlolisa ngoba kuyaphuthuma, kulandele uBabMongezi, umaKhoza noDanisile. USinalo agcinele makaqeda kukhuluma ngocingo , baqhubeke nokulinda lelo hora abathenjiswe lona.

Nathi:”Ihora liphelile phela manje sekwenzakalani?”

BabMongezi:”Ikhanda lami alisebenzi yazi konje bathe uCebile bamuyisa eICU?”

Sinalo:”Basho njalo.”

Abheke phansi ubabMongezi

Sinalo:”Uzophaphama baba ungakhathazeki.”

BabMongezi:”Ngokushesha okungaka umntanami sekahlela ukuzibulala.”

MamGugu:”Ingane yami mayingafa nonke nina ngeke nginixolele.”

Nathi:”Hawu mama ukhuluma kanjani manje?”

MamGugu:”Ningizwile makangafa uCebile ngeke nginixolele.”

BabMongezi:”Sisi.”

MamGugu:”Hhayi ungangikhulumisi nje wena angifuni nokukubona.”

Aqale phansi akhale kanti umoya besewehlile, kusondele bodokotela baphethe amafayela ngalinye.

Dokotela:”Well mindeni siyanihlanganisa ngenxa yemiphumela evelile. Bobabili bayawadinga lamagazi, uLwazi ubukeke ekahle masiqeda kumusiza kodwa waquleka mveni. Akanamanzi emzimbeni wona siyamufakela negazi alikho kakhulu futhi uyaphephezela.”

Omunye:”UCebi yena uzisike kakhulu futhi wenze isiqiniseko sokuthi uzisika emthanjeni akagejanga. Ulidinga ngokufana igazi.”

BabMongezi:”Niwatholile ameshayo amagazi na?”

Babukane odokotela babuke imiphumela

Dokotela:”Yebo kepha.”

Dani:”Sicela nikhulume bandla.”

Amubheke uNathi futhi umaKhoza amubone okwesibili

Dokotela:”Umuntu una 5 to 6 litres emzimbeni makuthiwa ushodelwa igazi kumele abe na 4.5 litres kodwa uLwazi usele na 2 litres lokho kubonisa ubuthaka akubo naye sekamukiswa eICU coz hes becoming pale.”

MaKhoza:”Aaaaaawu ndodana kaDavide ngihawukele hhayi indodana yami.”

Ayohlala phansi amulandele umamGugu azame kumuthulisa

Nathi:”Udinga kunikwa wonke lamalitre angenawo wonke? Bese lo omnikayo?”

Bamubheke ngoba ubuza ngomuntu abaxabene naye.

Dokotela:”Yebo kodwa hhayi ngosuku olulodwa, namuhla sizothatha u900ml emva kwezinsukwana siphinde sithathe lelo nani aze abe kahle kuzobonakala uma umnikeli enempilo kahle.”

Khoza:”Loyo ngeke aphelelwe igazi?”

Dokotela:”Cha ngeke igazi liyazipompa lona kuthi ligcwaliseke emzimbeni uma umuntu anempilo adla healthy futhi. UCebi naye usele ngamalitre amabili kepha yena ubuthaka kakhulu.”

Kuqhamuke unesi egijima afike ahlebe nabodokotela bese uyabashiya basale bebukeka bangasamnandanga.

BabMongezi:”Doctor.”

Basukume bomaKhoza basondele futhi

Dokotela:”ULwazi igazi lakhe limesha nelika Nathi Nkosi mnumzane sicela usize manje.”

Bamangale bonke umaKhoza avele ayozilahla ezinyaweni zikaNathi azibambe akhale, amulandele ngokushesha uMsizi azame kumuphakamisa masebabhekene.

MaKhoza:”Ngiyakucela ndodana.”

Dokotela:”Ngicela uma uvuma ungilandele manje uzosayinda ngoba usephinde waquleka futhi. Bakwethu eqinisweni akekho umuntu ongaphila ngamalitre amabili emzimbeni.”

Wonke umndeni umubheke kanye newakhe uNathi abuke ubabMongezi acabange nesithembiso asenza kuAmanda. Uzomufuna umbulali amubulale phambi komndeni wakhe aphinde abulale nomndeni wakhe wonke. Umtholile umbulali azange amubulale ugcine ngokumshaya manje sekumele aphilise ilunga lomndeni wombulali womkakhe.

Dokotela:”UCebile Nkosi umesha noMsizi kanye noDanisile Khoza kodwa uDanisile akakwazi ukumunika.”

Dani:”Ngobani dokotela ngiyagula?”

Dokotela:”Sizokhuluma emva kwalokhu uze ehhovisi lami.”

UNathi makaphakamisa amehlo bamubhekile bonke yena abukane noDanisile ayengezele izinyembezi.

Dani:”ULwazi besenimamukele njengomndeni ngiyakucela mnumzane Nkosi muphe igazi lakho. Mina bengizomunika usesi wakho ukube bayangivumela ngiyakucela.”

Anikine ikhanda uNathi abafulathele abheke emnyango

Sinalo:”Bhuti.”

MamGugu:”Mongezi hamba uyokhuluma nalendodana yakho enenkani akusiso isikhathi sokulwa lesi.”

BabMongezi:”Ngifu.”

MamGugu:”Manje.”

Amulandele

Sinalo:”Manje Msizi uyaya?”

Msizi:”Ngizoya uNathi makavuma.”

Afulathele naye ayohlala celeni kwayise

Sinalo:”Mfundisi ungaze ube nomona ngegazi nje.”

Azithulele uMsizi kukhale ucingo lwakhe aluphendule ayomela kude le, bodokotela basale babukana banikine namakhanda.

MaKhoza:”Danisile.”

Bamubheke bonke

Dani:”Ma.”

MaKhoza:”Landela lomfana kaNkosi uyomuncenga asize ubhuti wakho.”

Bonke bamangale  kuthi uDanisile uzomuncenga njani umuntu angakaze akhulume naye nakanye nje. Abuye ubabaMongezi yedwa bazibonele ukuthi uyanqaba aphume uDanisile. UKhoza asale abuka umkakhe ngelinye iso naye angakhoni ukuchaza ngoba bonke bamubhekile….

***ISIQEPHU 36***

***KWANTULI***

Sbo:”Mama umalume ugcine nini kukhuluma naye?”

Athule kancane ngathi uyacabanga

Nokuthula:”Usemathandweni phela ukhohlwe nobhuti wakhe.”

MamYoli:”Kudala yazi sesi, hayibo ngagcina kukhuluma naye ngenkathi aphume esibhedlela. Uyakhumbula ngenkathi siyombona singamtholi?”

Sbo:”Weza la ngalolo suku wayejabulile nje.”

MamYoli:”Yebo, awuthi ngimushayele ngaze ngaba nezinhloni ubhuti wami phela uhlala anami.”

Amushayele lungangeni ucingo

MamYoli:”Luvaliwe.”

Sbo:”Sengikhathazekileke.”

MamYoli:”Nami.”

Nokuthula:”Nginganiphelezela niyomubheka.”

Bathule bobabili

Sbo:”Mina ngiyopaka isikhwama ngizosala.”

MamYoli:”Cha wena umalume wakho uhlala akuthengela izimpahla uzifice mawumuvakashela, asambeni.”

Akhiphe ucingo lwakhe ashayele.isithandwa sakhe

MamYoli:”Iza nezicathulo zami nana.”

Ukhuluma ucingo lusendlebeni kanti sekalubambile uMsizi ngale.

Msizi:”Uyaphi sofuna izicathulo nje?”

Amoyizele

MamYoli:”Ngiyobona ubhuti unyamalele nje, wena unjani ubhuti omdala?”

Msizi:”Hey angeke ukholwe sthandwa sami indaba ende le uthumbu wasekhaya naye ungene esibhedlela.”

Athuke umamYoli

MamYoli:”Hayibo kwenzakaleni?”

Msizi:”Indaba ende sthandwa sami kunomndeni okuxatshenwe nawo basishaya into engingayazi.”

MamYoli:”Njengoba ulimele nje?”

Msizi:”Yebo manje eyy angazi ngiqale ngakuphi.”

MamYoli:”Ungangixoxeli ngiyazwisisa ikhanda lakho liphithene.”

Msizi:”Inkinga manje kulomndeni bekuxatshenwe nawo kunoyedwa igazi lakhe limesha nelathumbu wasekhaya uyalidinga ngathi akafuni kumusiza. Mina ngimesha nengane yabo nayo isesibhedlela.”

MamYoli:”Msizi lemindeni ilwe nakhiphana amagazi?”

Msizi:”Akuchazeki.”

MamYoli:”Manje uzomunika igazi lakho?”

Msizi:”Anginayo inkinga mina kodwa ngimangazwa ilobhuti wakhona ongafuni ngelakhe kuthi asindise owasekhaya.”

MamYoli:”Ngiyazi ubhuti wakho lo futhi kuyazwela, loyo makangamuniki igazi lakhe indlela izokwenzeka bodokotela bazolithola ndlela thizeni. Wena uyinceku kaNkulunkulu kuwumsebenzi wakho ukusiza imuphefumulo. Awusizi kuphela imiphefumulo uma phambi kwabo ushumayele kepha nako lokhu uyobe usiza umphefumulo futhi ngeke akhohlwe uNkulunkulu sthandwa. Khohlwa ukuzikhukhumeza kwasezweni ukuthi uyanqaba lo omunye noma umndeni wakho uyakuthukuthelela akufuni wena lokho kuphakathi kwakhe noNkulunkulu wakhe. Wena owakho uNkulunkulu uma kuyilo ongibonise yena ezinsukwini ojabulisa abantu then uzokwenza okukahle ukuphilisa.”

Athule uMsizi

Msizi:”Ngiyabonga mammfundisi.”

MamYoli:”Bengikushayela kukwazisa ukuthi sisayobheka ubhuti kwakhe.”

Msizi:”Ninayo indlela yokuhamba?”

MamYoli:”Yebo ukhona uNokuthula ungumngani unemoto.”

Msizi:”Kulungile sthandwa sami noma ungijwayeza umkhuba nje.”

MamYoli:”Umkhuba wani?”

Msizi:”Lokungibikela mawuphuma njalo.”

MamYoli:”Ngizoyeka uma ungathandi.”

Msizi:”Kahle bo ngiyathanda ungayeki futhi sengijwayele.”

MamYoli:”Sizobuye sikhulume hamba uyosindisa umphefumulo.”

Msizi:”Nihambe kahle nani ningabuyi ebusuku.”

Avale ucingo bamubukile abengabanakile

MamYoli:”Yini?”

Nokuthula:”Mamfundisi anginawo amade.”

USbongile amoyizele bayongena emotweni bahambe

Sbo:”Mama uyashintsha yazi.”

MamYoli:”Kanjani sesi?”

Sbo:”Angazi ngichaze kanjani ushintshile ujabulile, unokuthula futhi amazwi wakho anesisindo esimangazayo.”

MamYoli:”Nami ngiyazizwa ukuthi ngiyashintsha nginokuthula obumangazayo mntanami ngijabulile futhi.”

Sbo:”Ukuthi uxolele ubaba.”

Nokuthula:”Cha ubukhona bukamfundisi.”

Sbo:”Nami ngiyamuthanda umfundisi.”

MamYoli:”Liphi isoka lakho masothanda ewabantu?”

Bahleke

Sbo:”Ngimthanda njengobaba wami hawu ma, futhi ngamuthanda ngiqala ukumbona.”

Nokuthula:”Ngakubona yazi.”

Sbo:”Ngamunika nenombolo yakho ngamucela ukuthi angakutsheli.”

MamYoli:”Hawu wena ngane wangithengisa vele kanjalo.”

Bahleke baqhubeke nohambo lwabo balokhu bamulayela ukuthi ajike kuphi baze bafike.

Sbo:”Ngaze ngathuka makuthuleke ngalohlobo.”

MamYoli:”Ungangithusi nana.”

Bangene bakokode emnyango

MamYoli:”Awusithathanga isikhiyo sakho?”

Aqhamuke ngemoto yakhe ibanga umsindo bamoyizele kwehle namaphaphu besewaphezulu ukuthuka. Angangenisi imoto naye ngoba upake ngandle uNokuthula ehlike.

Nokuthula:”Ubhuti wakho naye uyasabeka.”

MamYoli:”Kumele uze uzomnakekela azokwehla nalokusabeka.”

Sbo:”Muhle umalume wami.”

Nokuthula:”Yebo muhle yena usabeka loku kokuthi uyindoda.”

Dumi:”Niyangihleba vele ngibhekile?”

Bahleke ahage uSbongile

MaYoli:”Umlomo sewajwayela kukhuluma.”

Dumi:”Hawu ninjani sesi mngani wakhe.”

MamYoli:”Siyaphila.”

Avule umnyango

Dumi:”Kaze ngenzeni ngahlaselwa nje.”

MamYoli:”Sikukhumbulile mntana sekhaya nawe wathula kangaka?”

Dumi:”Izinto zomhlaba.”

Kuhlanzekile kaDumsane kunuka kamnandi vele uyazithanda nje.

MamYoli:”Amanxeba sewanjani?”

Dumi:”Ngiluleme sesi.”

MamYoli:”Icala lihamba kanjani?”

Athule kancane uDumsane bese uyamamatheka

Dumi:”Azange ngimubophise.”

MamYoli:”Waboshwa nje?”

Dumi:”Yebo waboshwa mina ngamukhipha mangiphuma esibhedlela.”

Sbo:”Malume.”

Umemeza ungale egunjini lakhe benoNokuthula

Dumi:”Mmmm.”

Sbo:”Ubani bekala egunjini lami?”

Dumi:”Yimina bengihlushwa umiyane ebusuku ngivule umnyango kwaze kwahwalala.”

Sbo:”Ohk.”

Abheke usesi wakhe

MamYoli:”Awujabulanga bhuti wami kwenzenjani?”

Dumi:”Uyazi ngangihlala ngimangala abantu mabakhaliswa uthando.”

MamYoli:”Ubani okhaliswa uthando manje?”

Dumi:”Yimina sisi, lentokazi engishayisile ngivele ngathatheka yiyo.”

MaYoli:”Yingakho wamukhipha ejele nje?”

Dumi:”Ngiyithandile ingane yabantu.”

MamYoli:”Yekela ubugebengu azobona impilo oyiphilayo kuthi ikahle nawe.”

Dumi:”Kuyafana noma ngingaba umfundisi ngeke ngimuthole.”

MamYoli:”Kanjani?”

Dumi:”Ushadile.”

MamYoli:”Awu bhuti bandla.”

Dumi:”Angilwazi uthando sisi nakancane kodwa manje sengivele ngithanda umuntu oshadile, ibuhlungu inhliziyo yami uyilomuntu ongafika empilweni yami ngijabule ingunaphakade.”

MamYoli:”Ushadile kodwa bhuti.”

Dumi:”Yebo ushadile.”

MamYoli:”Wamutshela yena kuthi uzizwa njani?”

Dumi:”Ngamutshela kodwa akukho angakwenza ushadile, damn sisi ngiyamuthanda ngaze ngenza nobudedengu nxxxx.”

MamYoli:”Ungangitsheli ukuthi walala naye.”

Amubheke uDumsane usesi wakhe

Dumi:”Cha azange ubudedengu bokumthanda. Kumele ngithole indlela yokumkhohlwa.”

MamYoli:”Haaaaa kodwa bhuti.”

Dumi:”Yaaaa ubhuti wakho uyisishimane.”

MamYoli:”Nangu uNokuthula ungumngani.”

Dumu:”Cha angifuni umuntu osondelene nawe mina.”

MamYoli:”Cha uyasithanda lesigebengu esakushayisa.”

Dumi:”Mangingambona ngingajabulisa okwengane.”

MamYoli:”Uqinisile kodwa bhuti zama ukumkhohlwa ungabi isizathu sokuchitheka komshado wakhe.”

Kukhale alarm ocingweni lwaDumsane alubheke.

Dumi:”Ehhh kumele ngiye esibhedlela sesi kohlola futhi.”

MamYoli:”Mawenza isikhumbuzo socingo ubobeka isikhathi sasekuseni, ngalesikhathi uyofica kugcwele esibhedlela angazi ngoba awukuthandi nokulinda.”

Dumi:”Ngizobuye ngiye ngolunye usuku.”

MamYoli:”Kahle bhuti sukuma uhambe umshana wakho uthe uyasala angimazi noma usasala na.”

Dumi:”Akasale azongichitha isizungu, usathandana nalesigantsontso sakhe?”

MamYoli:”Basathandana.”

Dumi:”Kulungile sisi ithi ngiyoshintsha.”

Ababize umamYoli

Sbo:”Ngokushesha nje.”

Dumi:”Umalume wakho uya esibhedlela check up.”

Sbo:”Ngingamuphelezela.”

MamYoli:”Cela yena nana uzosithola emotweni.”

Baphume noDumsane aphume sekagqokile

Sbo:”Malume bengithi ngikuvakashela isonto elilodwa nje.”

Dumi:”Inkinga ayikho mshana kodwa manje ngisaya esibheldlela.”

Sbo:”Ngingakuphelezela.”

Baphume uSbongile ayovalelisa umawakhe agibele emotweni yamalume wakhe bahambe bathathe imigwaqo eyahlukene……

***ISIQEPHU 37***

***MAKHUMALO***

MaKhumalo:"Sesi angisazi mina lezinto ezenzeka kwami."

UmaKhumalo uhlezi nodadewabo omncane umuhlalisile njengoba umyeni wakhe asesibhedlela nje.

Khethiwe:"Usaya kodwa kugogo?"

MaKhumalo:"Wena usaya?"

Khethiwe:"Mina ngisaya noma ngingasayi njalo phela kukude manje le emakhaya."

MaKhumalo:"Ngiyakhohlwa nje futhi mina."

Khethiwe:"Hhayi ukuthi wabona konke kuhamba kahle wase uyayekela?"

MaKhumalo:"Kunjalo uKhumalo bekangasahluphi ngamantombazane, sekaqondile nje ngahlala kanye kwangashintsha lutho azange ngisaya."

Khethiwe:"Kumele sihambe phela lesiphithiphithi esenzeka kulomndeni wakho kwenziwa ilokho."

MaKhumalo:"Manje ngifuna kuyobona uKhumalo sizoya kusasa, nendodana yami kudala ngayigcina."

Khethiwe:"Sisi asambe siye kaNsizwa ngoba kusendleleni bese siya kwagogo, usbali uzombona nakusasa uzisholo wena futhi ukuthi uyalulama."

MaKhumalo:"Yena akasafani naseqaleni, uqinsile asambe."

Basukume baye emotweni ashayele umaKhumalo bafike kaNsizwa isango livalekile aqale ashayele uDansile angaphenduli ashayele uNsizwa alubambe makaphakamisa amehlo.

MaKhumalo:"Hawu ngiyakubona."

Avale ucingo lwakhe uNsizwa avule ngelimothi bangenise imoto ehlike ahage umawakhe kanye nomamncane.

Nsizwa:"Hawu mamncane Khethi."

Khethi:"Unjani ndodana hayibo."

Kwehlike uMihla emotweni umaKhumalo abheke indodana yakhe athuke kancane uMihla.

Mihla:”Sanibonani ma.”

Bangamuphenduli bobabili babheke uNsizwa

MaKhumalo:”Uphi umakoti njengoba lo ela?”

Nsizwa:”Ubhuti wakhe usesibhedlela naye usale lapho besihamba sonke.”

MaKhumalo:”Manje ufunani lo kwakho?”

Nsizwa:”Uyazi mama  ukuthi ngizomuthatha abe yinkosikazi yami yesibili.”

MaKhumalo:”Angimuboni uDanisile kulo lonke lohlelo.”

Mihla:”Uxolo ma uyazi uDanisile ukuthi ngila.”

MaKhumalo:”Alikho ikhanda la ubani okukhulumisile wena ngoba usuphendula, Nsizwa angimufuni lonondidwa la.”

Khethiwe:”Landa umkakho.”

Nsizwa:”Usesibhedlela nifuna ngiyomuhlukanis anomndeni wakhe manje?”

MaKhumalo:”Wena ufunani la uma asesibhedlela kungani ungekho duze naye nixhasane. Nsizwa unani wena.”

Nsizwa:”Ngizoya esibhedlela ma.”

UMihla abafulathele uthinte indandatho akhulume

Mihla:”Nsizwa awukhoni ngaphandle kwami wena.”

Bamubuke ayongena endlini

MaKhumalo:”Ukhulumile nobaba wakho?”

Nsizwa:”Ungixoshile uthe ngibuye noDansile.”

MaKhumalo:”Uyayibona kodwa into oyenzayo Nsizwa, ubaba wakho uzokusula nakumafa wakhe angazi uzophila ngani. Futhi lentombazane uyayibona ilethwe imali la kungaphela yona kuphelile ngawe.”

Nsizwa:”Ngisayoshintsha ngizohamba nani kubuyela kubaba.”

MaKhumalo:”Uyayishiya lentombi yakho.”

Nsizwa:”Ngizomushiya.”

Ayongena endlini basale ngokumangala uKhethiwe aze ashaye izandla, basazixoxela nje okungatheni aphume uNsizwa alandelwa uMihla.

Nsizwa:”Asambeni ma.”

Bayogibela emotweni makusondela uMihla umaKhumalo abheke indodana yakhe.

Nsizwa:"Ngihamba naye mama mangabe nawe uyancena ngizosala, angeke ngikhone ngaphandle kwaMihla ngimudinga duze nami."

Abuke indodana yakhe umaKhumalo eside isikhathi

MaKhumalo:"Salanike nobabili ngoba mina ngeke ngihambe nale gold digger."

Ehlike emotweni uNsizwa angabonisi nokukhathazeka okuncane lokhu babashiye kanjalo.

MaKhumalo:"Nawu umhlolo sisi."

Kethiwe:"Akasiyedwa lomfana umuntu uvuma manje kuthi uyayishiya lentombazane gwiqiqi sekahamba nayo."

MaKhumalo:"Kumele ngiyiphakamele lento uyazi umakoti waNsizwa nguyena omise lomuzi ngenhliziyo yakhe enhle. Kuzonakala okuningi manje uNsizwa wenzani kodwa azimoshela umshado."

Khethiwe:"Kukhona okwenzekayo, uzosho kuthi ngasho."

Aqhubeke nokushayela umaKhumalo

***__KWAMZOBE__***

Mzobe:"Uzizwa unjani namuhla nkosikazi?"

MaMzobe:"Ungisizile lowa dokotela baba amandla ngiyawezwa ayabuya manje."

Mzobe:"Uyazi nkosikazi ukuhamba kwaAmanda kusilimazile mina sengize angisayithandi nalendawo."

MaMzobe:"Ohe baba sesisebenze kangaka."

Mzobe:"Cha angisho ukuthi sisuke la bengikuxoxela nje."

MaMzobe:"Baba into nami beyingihlupha ezinsukwini ngiyicabanga phela konke la kubonisa uAmanda indodakazi yami."

Mzobe:"Kuzondlula kanzima kodwa."

MaMzobe:"Abantu sebakhohliwe impilo iyaqhubeka kubo kepha kithi sisabhibha isilonda. UMihla naye uthela usawoti kulezilonda zethu."

Mzobe:"Ungabalisi kakhulu mkami."

MaMzobe:"Baba cela ubhuti azohlala la thina sibuyele emakhaya, akukho okunye. Nangu noMihla umatasa ngomshado webantu uyazicabanga iziqalekiso azibuthayo lomntwana ngalento ayenzayo."

Mzobe:”Nkosikazi iNkosi iyazi noma singathutha la kepha indodakazi yethu iyohlezi isezinhliziweni zethu. UMihla yena uzowotha lomlilo awubasayo mina nawe sikhulile nkosikazi lezinhlungu akumele zisiphathe.”

MaMzobe:”Asambe myeni wami asilifulathele leli.”

Mzobe:”Asambe nkosikazi nobhuti kudala afisa ukuzohlala ngapha uzojabula.”

Balale abantu abadala bebalisa……

***ISIQEPHU 38***

***ESIBHEDLELA***

UDanisile umulandele uNathi wamufica abambelele ezinsimbini ngaphandle esibhedlela, uphambane nobabMongezi la kuma phasiji azange bakhulume bandlulana nje.

Dani:"Mnumzane Nkosi."

Aphenduke uNathi amangale aswace amubheke angakhulumi.

Dani:"Sicela usizo lwakho bandla."

Nathi:"Ucabanga ukuthi yini ozoyisho ingishintshe umqondo?"

Dani:"Ngizokucela nje uLwazi uyisiphephelo sabazali bethu ngaphandle kwakhe ngeke baphile."

Nathi:"Inkosikazi yami nami kade kuyisiphephelo sami kepha akasekho nimuthathile ninomndeni wakho."

Asondele futhi kuNathi babukane

Dani:"Akusilo iphutha likaLwazi, usesi wakho uzozizwa njani makaphaphama la athole ukuthi uLwazi akasekho kulomhlaba wena ubungakhona ukumsiza kodwa wakhetha ukuba nonya. Ucabanga ukuthi uyoke akuxolele."

Abheke celeni uNathi ezwe izinhlungu zokuhanjelwa inkosikazi yakhe ngesihluku esinje.

Dani:"Ngiyazi kubuhlungu."

Nathi:"Awubazi ubuhlungu bami."

Dani:"Nami ngishadile umyeni wami uyangihlupha manje kukhulu ngoba ukhulelise intombazane."

Nathi:"Kuncono usaphila."

Dani:"Ngifisa ngathi kube kuhambe yena ngimukhalele bese kuyandlula, manje ukhona uyipain yami. Uyazi ungishiya embhedeni ayolala nalentombazane ngikhona."

Amubheke uNathi kanti besekamufulathele kwehla izinyembezi manje kuDanisile

Nathi:"Nihlala nayo lentombazane?"

Dani:"Yebo bayalala bamemezane ngizwa konke emasontweni andlule ngiye ngashayisa umuntu ngaboshwa ngenhlanhla wangikhipha lomuntu. Angizazi noma

ngiya phambili noma emuva. Umndeni wami ulimele angikhoni nokukhalela abazali bami ngibatshele ngomshado wami ngenxa yalento eyenzekayo. Ngiyakucela usule abazali bami izinyembezi ikakhulukazi ubaba. Noma ngiguqe bhuti ngizokwenza lokho.”

Agobe amuphakamise ngokushesha uNathi amubambe eziphangeni kuthi aphakame babukane. UNathi azihlome ezindebeni zikaDanisile akazi naye kuthi kanjani kodwa azizwe afisa kuqhubeka. Makabona uDanisile angamukhuzi ngempela aqhubeke baqabulane.

UDumsane abandlule ngaleso sikhathi uhamba noSbongile ababheke umubona kahle ukuthi uDanisile lo azitshele ukuthi uqabulana nomyeni wakhe. Ibe buhlungu inhliziyo aphazamiseke nje kakhulu abandlule bangene phakathi. Amuyeke uNathi babukane

Nathi:”Ngiyaxolisa.”

Dani:”Nami ngiyaxolisa uqeda kuhanjelwa inkosikazi yakho bekumele ngikukhuze.”

Nathi:”Sobabili asikho kahle emqondweni buyela phakathi.”

Dani:”Ingabe uzomusiza ubhuti wami?”

Amubambe esihlathini uNathi amubheke

Nathi:”Uyintokazi enhle unenhliziyo enothando uzwakala nangokukhuluma ukuthi unozwelo. Shiya lomyeni wakho ngoba uzokubulalisa ngalentombazane izwakala iyingozi mayizokhona kungena emzini wakho ilale nendoda yakho. Ziphephise wena impilo iza kanye ngeke uphinde uyithole enye. Usenalo ithuba lokujabula futhi ubalulekile kuwe ukundlula konke.”

Dani:”Kunzima ukumshiya.”

Nathi:”Uma ungamushiyi uzophuma kuye sonezifo uma ungakabi nazo nje, ngizomusiza ubhuti wakho uma uthembisa kuyeka lesilima sendoda.”

Amoyizele uDanisile

Dani:”Mangimuyeka ngizohlala nje ngedwa?”

Nathi:”Uzomthola ozokuthanda uma angekho futhi inkinga ayikho nalapho kepha uzobe unempilo yakho. Ngiyaxolisa ngokukuqabula ukuthi ugcwele uthando bese oduze nawe uzwa lothando oluphakathi kuwe.”

Athule kancane uDanisile

Nathi:”Umuhle ungakhohlwa ngikufisela inhlanhla uyazi selokhu ngikubonile ungihehile kepha manje ngiyabona bengingahehwa uthando ubumnene bakho.”

Amoyizele uDanisile

Dani:”Ngamanye amagama ungitshela ukuthi awungithandi?”

Ahleke kancane noNathi

Nathi:"Anginayo inhliziyo yokuthanda usungabuyela phakathi."

Amufulathele aphinde aphenduke makangena esibhedlela

Dani:"Ngiyabonga."

Avume ngekhanda uNathi asale acabanga umndeni wakhe ngendlela bebejabule ngayo kungakenzeki yonke lento. Kwehle unyembezi olulodwa kuvele kuhlale ijuba elimhlophe ezinyaweni zakhe alibheke nalo limubheke bese liyandiza futhi. Abuyele emuva angene kusaphithizela wonke amehlo akuye uMsizi nangu sekabhandishile engakweni. Abandlule angasho lutho umaKhoza asondele kuDanisile.

MaKhoza:"Noma kwenzakalani lomfana ngeke ngimamukele njengomkhwenyane wakho unonya."

Dani:"Kodwa uyalifuna igazi lakhe."

MaKhoza:"Hayisuka."

Acabange lezinto bekazisho uNathi ahambe ayoguqa phambi kwababa wakhe.

Dani:"Baba uzongeseka uma ngifaka iisehlukaniso?"

Khoza:"Ngingaze ngikuthengele nemoto mntanami."

Aphakame amuqabule

Dani:"Ngiyazi uzobakahle uLwazi nikhona ngiyabuya."

Khoza:"Ungakhohlwa udokotela uthe ufuna kukubona azokutshela isizathu sokuthi kungani angalifuni igazi lakho."

Dani:"Eya ngiya khona manje ngahambi kokuhamba."

Asukume ayobheka ewodini lamfowabo sebamufakela igazi uNathi ubekwe komunye umbhede kodwa uhlezi ngezinqe yena. Uyalibona igazi lisuka ngale liya kuLwazi.

Dokotela:"Awukwazi ukungena ngisematasa."

Dani:"Bengibuka nje ngiyaxolisa kuphazamisa."

Makabheka uNathi amoyizele uNathi avume ngekhanda afulathele sekahamba ngenye indlela khona phakathi esibhedlela uya ehhovisi likadokotela. Afike akokode kunentombazane ehlezi ezihlalweni.

"Unomuntu phakathi seside isikhathi bangenile bazophuma nje."

Dani:"Ngiyabonga sesi."

Ahlale celeni kwakhe uzichofozela ucingo abone isikhathi siyahamba asukume uzobuya kusasa. Makafika ngaphandle angene emotweni akhumbule ukuthi beze ngalemoto bonke. Abuyele emuva anike uMsizi ukhiyo acele nemali yetekisi ahambe….

UmaKhumalo ufike umyeni wakhe ahlezi ngezinqe ajabule amuhage uKhumalo athule angasho lutho.

MaKhumalo:"Hawu baba ngaze ngajabula namuhla uhlezi?"

Khumalo:"Ngisemzimbeni wami namuhla, unjani sbali?"

Khethiwe:"Ngiyaphila sbali singezwa wena."

Khumalo:"Ngiphilile nami."

MaKhumalo:"Baba izinto ziyonakala empilweni kaNsizwa."

Khumalo:"Sekenzeni manje?"

MaKhumalo:"Akafuni ukusuka kulentombazane baba uDanisile akaziwa yena."

Khumalo:"Ngizomenza njani mina makazichithela yena ngezandla zakhe umshado wakhe."

MaKhumalo:"Kumele simusize baba."

Khumalo:"Ikuphi esingamenzelanga kona?"

MaKhumalo:"Ngiyazi baba kodwa."

Khumalo:"Cha mana nkosikazi mina ngilwela impilo yami  manje ngifuna ukuvuka ngiyocinga ingane yami engayithola kuYoliswa."

UmaKhumalo abuke udadewabo aphume uKhethiwe kubanika isikhathi sokukhuluma.

MaKhumalo:"Baba ungacabanga lokho ngesikhathi esikanje indodana yethu iyasidinga."

Khumalo:"Uma ungaboni ukuthi izenzo zalomfana zenziwa ukuthi kunengane ekhule ngaphandle kwami ngenxa yenkohlakalo yakho. Ngizomfuna lomntwana ngize ngimuthole angazi ngingu baba wakhe."

MaKhumalo:"UNsizwa akenziwa ilokho baba lentombazane imthakathile."

Khumalo:"Yebo phela yenze lokhu ubukwenza kimi yonke leminyaka."

Abeke izandla emlonyeni umaKhumalo abheke umyeni wakhe.

MaKhumalo:"Baba emva kokuthi uhalele isisebenzi nakhulelisana ngahlala Mntungwa namuhla ungibiza umthakathi."

Khumalo:"Awungitshele ucabanga ukuthi yonke leminyaka angazi izinto ozenzayo nalosesi wakho? Ngathula ngoba sesibadala kanti nendodana yethu iyasidinga.

Ngizoyisiza mina indodana yami ngendlela engazisiza ngayo kwazi mina ngedwa futhi ukuthi kanjani."

MaKhumalo:"Myeni wami."

Khumalo:"Hlala wazi ukuthi kudala ngazibona izinto zakho bengazi ukuthi masengikubonile kuyaphupha. Bengihlezi ngoba ngiyakuthanda futhi ngakushada ngikuthanda wena washintsha wangithakatha."

Ahlale phansi ngenxa yamahloni umaKhumalo

Khumalo:"Kukho konke owangenza kona nkosikazi yami ngicela ube inkosikazi eqotho manje. Angazi noma ngisezinsukwini zami zokugcina ngoba ngila ngicela ungisize ngithole ingane yami."

MaKhumalo:"Manje masoyitholile ingane yakho uzoyinika okuthile ezimalini zakho?"

Khumalo:"Lokho bengingakakucabangi kodwa  angiyiboni inkinga noma ngingenze njalo. Ukhule ngaphandle kwami angithi."

Ashintshe umaKhumalo amubone nomyeni wakhe ukuthi akathandi yena abecabanga ukuthi makamutshela kanje ngeke abe nenhliziyo embi. Amubone kahle nje bese uphosa ithawula uKhumalo azitshele ukuthi kumele isheshe indaba yokushintsha izinto zakhe.

MaKhumalo:"Ngiyazwisisa baba ngicela uma uyosiza uNsizwa ngihambe nani njengomawakhe."

Khumalo:"Ayikho inkinga lapho."

MaKhumalo:"Lentombazane ngifuna isale ihambaze nje nxxxx."

Khumalo:"Ngishiyele inombolo kamakoti."

MaKhumalo:"Ngikuzele nocingo lwakho baba zikhona phakathi, lapho ngibone nenombolo ebhalwe Sbongile ubani loyo?"

Khumalo:"Supervise yasestolo."

MaKhumalo:"Eyyy besengithukile myeni wami ngize ngayithatha nalenombolo ngithi ngizomushayela nje mangibuya awuthi ngiyicishe."

Amubheke makakhipha ucingo lwakhe acisha inombolo amuqabule esiphongo avalelise ahambe. Asale achofoza ucingo lwakhe aphinde azikhuze phela akazi noma kukhona akufakile na azokwazi ukuzwa izingxoxo zakhe. Ajabule makabona kungena ummeli wakhe nepotimende baxhawulane.

Mmeli:"Baba ushintsho olungaka kodwa unesiqiniseko?"

Khumalo:"Nginesiqiniseko ndodana, ingabe uqedile?"

Mmeli:”Ngiqedile ngizokukhombisa nje manje usayinde futhi ngiyajabula ngoba usungumqemane manje.”

Akhiphe amaphepha wakhe afunde uKhumalo asayinde konke.

Khumali:”Ngicela ukusebenzisa ucingo lwakho.”

Alukhiphe achofoze inombolo ayibheka ocingweni lwakhe bese ubeka endlebeni isikhashana.

Khumalo:”Sesi ngicela ukukubona ngisesibhedlela.”

……….

Khumalo:”Kwaze kwalulake kanjalo ungeza manje.”

Amunike abonge makaqeda basaxoxa kungene uDanisile abingelele.

Khumalo:”Hawu kodwa makoti wangavela nakancane nje?”

Dani:”Indaba ende baba kodwa ngiyaxolisa.”

Thabiso:”Baba ngizokushiyake ululame.”

Khumalo:”Ngiyabonga ndoda yamadoda.”

Baxhawulane aphume

Dani:”Ubaba ufuna kungibona.”

Khumalo:”Unjani nje sesi bengikucabanga.”

Dani:”Angifuni kukuthwesa umthwalo baba.”

Khumalo:”Khululeka makoti mina sengiluleme.”

Dani:”Sesihlala nentombi kaNsizwa manje endlini.”

Khumalo:”Mntanami ngicela uphe mina ithuba mangiphuma la esibhedlela ngizonisiza.”

Dani:”Ngani baba uNsizwa kunini angiqala kodwa mina manje ngoba ungifonela bengiphuma ngithi ngiya endlini koqoqa izimpahla zami zonke ngifake isahlukaniso.”

Khumalo:”Lentombazane ikhona into ayenze uNsizwa ngifuna kuyomkhiphisa yona, ungakwazi kumulinda nje mntanami?”

Dani:”Inkinga ila baba noma ngabe amufake okuthile uNsizwa waqala kudlala ngami asemqondweni wakhe angafakwanga lutho. Uyazi uke wathandana nomakoti kamfowethu omncane besesishadile kepha yena angakahlangani nobhuti. Ukuzwa lokho nje baba kwangilimaza.”

Khumalo:”Ngiyamucelela elokugcina ithuba ndodakazi kokugcina ngci angamosha emva kwalentombazane umushiye.”

Acabange uDanisile lento besekathi uzoyenza, acabange wonke amantombazane ake wamubamba nawo. Ukuzisola emva kwalokho abuye aphinde futhi emva kwezinyangana. Acabange izinkathi azilalile esibhedlela ngenxa yokuba nengcindezi aze anikwe namaphilisi. Acabange ingxabano yakhe nobaba wakhe ngokungafuni kuthi ashade noNsizwa. Aphinde acabange lento eshiwo uNathi manje abheke phansi. Makabuka ubabezala wakhe amubone ukuthi uyayizwela indodana yakhe.

Dani:”Angithembisi lutho baba.”

Khumalo:”Ngiyazwisisa.”

Ahlale kancane bese uyahamba achofoze ucingo lwakhe ashayele umyeni wakhe

Nsizwa:”Mamakhe.”

Dani:”Ngicela ungilande esibhedlela.”

Nsizwa:”Ngiyezwa sthandwa sami.”

Anikine ikhanda uDanisile acabange nje ukuthi uzoza ngenhlanhla uma azile uzobe ahamba naye loMihla. Asalindile esangweni ngaphandle kuqhamuke imoto kaDumsane babukane amise imoto aphume. Makema nje duze naye uDanisile amuhage amangale uDumsane kepha amamukele ngoba uhlezi amucabanga.

Dumi:”Unjani?”

Dani:”Ngiyancenga, wena?”

Dumi:”Angazi nami.”

Amehlo aDanisile abheke emotweni phakathi

Dumi:”Umshana wami lo.”

Dani:”Hawu ngimufice ahlezi ezitulweni bengifuna udokotela ingabe bekalinde wena?”

Dumi:”Yebo uphelezele mina.”

Kuqhamuke imoto kaNsizwa ayibone iseza uDanisile.

Dani:”Nangu umyeni wami uzongilanda.”

Amangale ngoba ubabonile beqabulana makafika abuye azitshele ukuthi umshiyile. Ahambe ngokuhlehla uDumsane makafika emotweni yakhe balokhu babhekene. Angene emotweni amuvayisele ngesandla asuse imoto yakhe. Ayibone ima imoto agibela uDanisile isuke naye.

Sbo:”Ukahle malume?”

Dumi:”Nginezinhlungu nje mshana.”

Sbo:”Ngizofika ngipheke uzodla uphuze amaphilisi akho, ubani lowa sisi omuhle?”

Dumi:”Omunye nje.”

Abone noSbongile akasiyo ingane ukuthi umalume wakhe uphatheke kabi manje…….

***ISIQEPHU 39***

***2 WEEKS AFTER***

***ESIBHEDLELA***

ULwazi waphaphama kuqala umqondo masobuya wazizwa ayigwala wacabanga noCebile. Wamangala uMsizi makamutshela ukuthi ngosuku olulodwa uCebile wazama ukuzibulala kwayena.

Lwazi:"Uma ucabanga lenzondo izophela phakathi kwalemindeni?"

Msizi:"Ngiyacabanga uyazi uNathi nguyena owanikela ngegazi lakhe. Angicabangi ukuthi abengakwenza lokho uma asasenegqubu."

Lwazi:"Ubhuti yena unjani?"

Msizi:"Uphapheme uzongena manje nje uhlala ala ngisho nasebusuku baze bamuxoshe."

Lwazi:"Uyabona lento ayenza angazi noma ngingakhona ukumbheka na, umkami yena unjani?"

Adonse umoya uMsizi babheke emnyango mabezwa ucingo lukhala ucingo lukaNathi. Babhekane angene uNathi iso likuLwazi kakhulu makakhumbula ukuthi abemushaya abe namahloni phela uyamuhlonipha ubhuti kaCebi.

Nathi:"Sanibonani."

Msizi:"Nkosi."

ULwazi angaphenduli

Nathi:"Uzizwa njani Lwazi?"

Lwazi:"Ngiyaphila."

Nathi:"Uzwile ukuthi usesi wami kungenzeka angasahambi?"

Akhiphe wonke amehlo uLwazi

Lwazi:"Ngicela ukuyombona."

Nathi:"Kuyafana noma ungamubona akukho mehluko ozokwenzeka uCebi uzoba yisishosha ngenxa yakho nomndeni wakho."

Msizi:"Bengicabanga  ukuthi sindlulile kulegqubu?"

Nathi:”Nami benficabanga kanjalo kepha ukuzwa ukuthi usesi wami omncane onekusasa eliqhakazile kungenzeka angasahambi ngizwa ngiyabila.”

Lwazi:”Msizi ngicela ungimukise kwinkosikazi yami.”

Nathi:”Ngize la ukuzokwazisa ukuthi iwodi lakhe ligadiwe wena nomndeni wakho anisavumelekanga ukuyongena kulo.”

Msizi:”Mfowethu besiya kuyombona nje wonke lamasonto amabili manje sekubuyelwa emuva.”

Nathi:”Angizwakali ne ngithi mina ngihanjelwe umfazi ngenxa yalomndeni manje uthumbu wasekhaya kungenzeka angasahambi ngenxa yawo lomndeni.”

UbabMongezi ume emnyango afakaze naye kulokhu okushiwo uNathi.

BabMongezi:”Ozobonakala lapha owakwaKhoza ngizomubulala mina ngimukhiphe amathumba ngiyowafunza izinja.”

Babhekane

BabMongezi:”Asambe ndodana.”

Aphume uNathi basale bemangele

Msizi:”Lwazi.”

Athule angasaphenduli umfowabo

Msizi:”Kumele ululame.”

Lwazi:”Angimazi umuntu ozonda uthando ngalohlobo mina ngiyamthanda uCebi ukungahambi kwakhe kungena ngani othandweni lwethu.”

Msizi:”Nawe ungasebenzisi inkani uyababona labantu bakaNkosi abanakhanda.”

Lwazi:”Ngimangazwe nawuSinalo baqinisile mabathi blood is thicker than water.”

Msizi:”Phumula uyazilimaza manje ngalokuthukuthela kwakho.”

Lwazi:”Ngicela ungibhekele kuthi vele bamugadile.”

Msizi:”Lwazi ungayi lapha uzoza yena makafuna kukubona.”

Ahlale naye aze azumeke uLwazi aphume umfowabo emva kwesikhashana avule amehlo uLwazi abezilalisile ehlike embhedeni. Abanjwe isiyezi abambelele embhedeni athule kancane, kungene abazali bakhe.

MaKhoza:”Hawu akadunyiswe ongabonwayo mfanami ume ngezinyawo zakho?”

Khoza:”Unjani Mkhathini?”

Lwazi:”Ngiyabonga.”

MaKhoza:”Uyaphi?”

Lwazi:”Ngiyofuna uCebi.”

Khoza:”Ndodana labantu sebathukuthele futhi ungayi lapho.”

Lwazi:”Baba mina angenzanga lutho ngifelani kanti, umuntu engimthandayo ngiyazi uyangidinga.”

Khoza:”Siyazwisisa ndodana kodwa ungayi.”

Ahlale embhedeni kepha inhliziyo ikuCebile….

Ngale ewodini likaCebile kukhona uNathi noSinalo nomamGugu bazama kumudlisa.

MamGugu:”Sesi sebakukhiphile idrip udokotela uthe kumele udle uzoba namandla.”

Cebi:”Mama uphi uLwazi?”

Sinalo:”Sisi zama ukudla.”

Cebi:”Ngiyazi nimuxoshile uLwazi ngeke ahlale angezi.”

Nathi:”Manje ufuna ukuzibulala ngendlala emva kwalokhu okwenzile?”

Cebi:”Yebo ngizozibulala futhi and this time I will make sure ngisebenzisa into ezongibulala.”

MamGugu:”Ngicela wenzele mina mntanami idla.”

Afulathele uCebi avale amehlo

Cebi:”Ngizodla mzukwana ngibona uLwazi.”

Bamuncenge angasaphenduli

MamGugu:”Labonogada bafunani la?”

Nathi:”Bazogada uCebi angayi kulesilima.”

Kwehle izinyembezi kuCebi kepha angaphenduli athule nje

MamGugu:”Yazi Nkosnathi usuku nosuku uyashintsha uba yinto engingayazi kuthi injani. Ingabe ubaba wakho la alele khona uthini. Noma yena uAmanda ucabanga ukuthi uyakuvumela mawunje, uyajabula mawuncisha usesi wakho uthando lwakhe.”

Nathi:”Mama.”

MamGugu:”Akukho engifuna kukuzwa okubuya kuwe.”

Asukume aqabule indodakazi yakhe esihlathini aphume beze bonke bese bayamulandela. Bathe bangahamba nje emva kwesikhathi kungene inesi lifice uCebi akhala.

Nesi:”Hawu usasenezinhlungu na ngoba udokotela abethi uyakukhipha kusasa.”

Cebi:”Ubuhlungu benhliziyo sister ekhaya baxabene nomndeni womyeni wami manje bafaka nathi phakathi kwalempi yabo. Babeke onogada la kuthi ngingayi komubona.”

Nesi:”Nawe ufuna ukuzilimaza ntombo ufuna kuphuma la uyomubona la ahlala khona?”

Cebi:”Cha naye ula esibhedlela.”

Nesi:”Ngiphe igama lakhe.”

Cebi:”ULwazi Khoza.”

Nesi:”Lomlisa obukana kabi?”

Amoyizele uCebi makamucabanga

Cebi:”Yena uneso elibi kodwa inhliziyo yakhe yinhle.”

Nesi:”Nobabili niyakhishwa kusasa kodwa wena ngalokukhala kwakho uzozibuyisela emuva. Ungasakhali makuphela isikhathi sezivakashi ngizokuyisa kuye.”

Cebi:”Bonogada bagade lokho.”

Nesi:”Khululeka ngisaya kwamanye amawodi mangiqeda ngiyakuthatha.”

Ajabule uCebi azame ukwehla izinyawo zakhe akazizwa kahle ngathi zine nkwantshu, abuye ahlale alinde. Emva kwehora libuye inesi njengokuthembisa kwalo lihamba nelinye ngathi igay liphusha iwheelchair. Bamugibelise khona azilungise izinwele ngezandla.

Nesi:”Khululeka wena umuhle noma ulele.”

Baphume nefayela lakhe babalandele bonogada baze bangene endaweni ethatha ama xray.

Nesi:”Cha bobhuti kuyasetshenzwa la ningangeni nezibhamu zenu, Choma mubeke embhedeni.”

Livale umnyango inesi bandlule bayophuma ngomunye umnyango obakhiphela phandle bamuphushe baze bangene emawodini wabesilisa. Liyaziphaphela nje inesi nalochoma walo. Nabo ngathi bazitholele indlela yokubalekela umsebenzi ngoba bamuphusha kancane uCebile ufisa ngathi kube sekafikile. Mabangena nje abone ngoKhoza uLwazi uhlezi ulengise izinyawo embhedeni.

Babhekane abazali bakaLwazi naye aphakamise ikhanda ajabule ehlike embhedeni adiyazele ayofika kuwheelchair aguqe ngamadolo bahagane.

Chom:”Ncoooo this is so lovely choma.”

Nesi:”Usuyahalela ayyy wena angithi ulahle umuntu okuthandayo.”

Bakhuluma bayaphuma

Kwazi:”Nkosazana ngiyaxolisa ngokuba ligwala.”

Cebi:”Cha Lwazi nami ngiyaxolisa ngokufaka ingane yethu engcupheni.”

Bathuke bonke uNathi avele acabange amazwi kababMongezi makathi ‘Uma angakhulelwa uCebile uzomubulala yena lomntwana. Abeke isandla sakhe esisodwa esiswini.

Lwazi:”Ukhulelwe nkosazana?”

Avume ngekhanda

Cebi:”Ngiyasaba ngoba izinyawo zami angizizwa sthandwa sami ngizokhona kanjani.”

Amungene emlonyeni

Lwazi:”Indlela izohlala ikhona manje ngicela wehlise umoya, umndeni wakho uyazi ukuthi ukhulelwe?”

Cebi:”Cha ngeke ngisho emva kwalento ubaba ayisho ngiyasaba.”

Amuqabule esphongo

Lwazi:”Ngizokunakekela mina ungasho lutho ngizokususa phambi kwabo isisu singakabonakali.”

Nesi:”Ohk zithandani asihambe bazosola labonogada bakho.”

Amuqabule futhi uLwazi bayakhala asukume ababuke bamuphusha baphuma naye aze ayoma emnyango baze bayosithela.

Lwazi:”Baba kubuhlungu.”

Khoza:”Nkosikazi usaya kothenga ukudla?”

MaKhoza:”Asambe bazosikhipha manje sesiphelile isikhathi sezivakashi.”

Khoza:”Cha ngizokulinda ngaphandle uma bangikhipha anginawo amandla okuyongena ezitolo.”

MaKhoza:”Kulungile baba ngizozama ukushesha, uMsizi kumele athathe hayibo angisakwazi mina kuyothenga igiloza.”

Aphume umaKhoza asale abheka indodana yakhe ekhalayo.

Khoza:”Ndodana umndeni wakwaNkosi usasezinhlungwini abakwazi ukucabanga kahle okwamanje. Thatha umakoti maniphuma la uye epulazini nizolinda khona mntanami angifuni kukubona unje.”

Lwazi:”Kanjani baba kulomuzi enawushiya?”

Khoza:”Yebo ndodana.”

Lwazi:”Kuduzane nje baba mabafuna kumthola bazosithola lapho.”

Khoza:”Akekho owaziyo kuthi sinenye indlu, isasesimeni esikahle kodwa kuhlala umama omdala lapho wafunwa umawakho kuthi agade. Nizohlala naye noma nizomukhipha.”

Lwazi:”Sizophila ngani lapho baba amashishini wami?”

Khoza:”Mina ngizoxola uma ulapho ndodana kungcono nizobuya umoya masowehlile.”

Lwazi:”Uyoke wehle nje umoya kuNathi?”

Khoza:”Uzokwehla khumbula besewamukelwe buka ubusulele khona bangenayo inkinga. Kuzothi kungaphela lobuhlungu bazoxolisa bese niyabuya. Umzukulu wami lo ozayo ngifuna angabi nenkinga Mkhathini icabange lento.”

Athule isikhashana

LwZi:”Kuzomele sithole ucingo olusha kanye nenye imoto.”

Khoza:”Ngeke ngitshele muntu nami ngizokhala nabakhalayo kuthi nibalekile.”

Lwazi:”Umama yena?”

Khoza:”Abafazi mfanami makunyukela bona bakhuluma izimfihlo bathukane ngazo. Uzwile sekathuka umama makoti kuthi ungenwe ubhuti womyeni wakhe.”

Amoyizele uLwazi

Lwazi:”Uzokhona ukwenza lezinto nje baba?”

Khoza:”Inkinga izoba lapho ndodana.”

Lwazi:”Kukhona ozongisiza lomngani wami ohlala athunywa umama..”

Khoza:”Ngiyathemba awusho lomfana okusebenzelayo ngoba naye ufana nomfazi umbhekile nje.”

Lwazi:”Cha akusiye, noma ngingamutholi indlela izoba khona.”

Bahagane aze ashayelwe uMsizi ucingo kuthi akaphume bamulindile ngaphandle. Makaphuma ubaba wakhe uLwazi angapholisi maseko athathe ucingo lwakhe acinge leyo nombolo ayidingayo abeke ucingo endlebeni yakhe. Abuye acabange indodakazi

yakhe akakwazi kuhamba amushiye ngemuva uzocela ubaba wakhe aqhubeke nokunika ugogo wakhe imali……

Ewodini likaMholi uhlezi noMsizi uqeda kumkhulekela basho bobabili kuthi amen.

Msizi:"Uzizwa unjani manje?"

Mholi:"Ngiyalulama lobaba bekangibulala bhuti maaan bengiwubona umphefumulo wami uhlukana nenyama."

Msizi:"Kungani kepha waqhubeka nokuyoganga ekubeni sobonile ukuthi ikaNkosi?"

Mholi:"Yazi umuntu bekacabanga imali nje."

Msizi:"Angazi noma uLwazi uyoke akuxolele ngalesenzo ngoba manje kuhlupheka yena noCebi. Uthando lwabo ludonsa nzima"

Mholi:"Ngizoyincenga intwana yami ngizoyincenga."

Msizi:"Uyazi ukuthi uBongiwe wamulanda umndeni wakhe?"

Mholi:"Wangitshela umama noDanisile bathi abengakhulumi."

Msizi:"Yebo kodwa uhambe sekacwayiza uzoba kahle naye."

Mholi:"Nguye owabulala umfazi kaNathi, nguye nje owadubula."

Msizi:"Kusho ukuthi nguye owadubula uLwazi wena wase uyathula wafela izono zakhe."

Mholi:"Bengeke ngizixolele kuthi ashawe phambi kwami kanje inkosikazi yami le ngiyathemba uyazwisisa nawe."

Msizi:"Ngiyazwisisa ingafiki kubaba, ithi ngihambe umama uthi sekaqedile ezitolo ngisamulanda."

Mholi:"Kulungile ngizokubona kusasa."

Aphume sekagijima alande umaKhoza babuye esibhedlela bashayele uKhoza naye ayogibela bahambe…..

***ISIQEPHU 40***

***DANISILE***

UDanisile wabuyela kakhe emva kokukhuluma nobabezala wakhe, azange kwabangcono kepha bekuyizinyembezi usuku nosuku. Umyeni wakhe akamuthinti nhlobo kodwa usenakho lokhu kuthi uyamuthanda. Uhlalile lamasonto amabili kuthi ubabezala wakhe aphume esibhedlela azomusiza ngoba naye kuningi akusolayo ngoMihla. Manje uqinwa ukucabanga amazwi kaNathi kuthi noma angashintsha umyeni wakhe uzohlala naye kanjani, ingabe usazojabula na.

Namuhla avuke ukhathele umzimba wonke ubuhlungu aqoqe izinto zakhe ezibalulekile, uyakhala ehle nesikhwama ayosibeka ekhishini, ahambe aye egunjini lezivakashi phela sekahlala lapho angaphumi. Afike akokode emnyango. Kuvule uMihla amubheke uyabona ukuthi uyakhala uDanisile amoyizele.

Dani:”Ngicela ukukhuluma noNsizwa.”

Mihla:”Ufunani kuye?”

Dani:”Akufuni wena lokho ngibizele uNsizwa.”

Mihla:”Uyageza yingakho ngithi ngitshele ngizondlulisa umlayezo kuye makaqeda ufuna ukulala ebusuku besimatasa ngiyacabanga uzwile nawe.”

Dani:”Suka ngingene ngiyokhuluma naye ageza.”

Mihla:”Awudeli ne awuhambi ngani ngoba uyabona ngiwinile.”

Dani:”NSIZWA.”

Mihla:”Ubanga umsindo.”

Dani:”Ye ntombazane ngiyakuziba ngazindlela zonke kepha wena ufuna kungibona ngikhuluma. Uyakhohlwa ukuthi kukwami la manje ngingakukhipha.”

Mihla:”Ave uyisilima awazi nokuthi umyeni wakho ukukhiphile kwitatiyela lendlu kubusa mina manje.”

Dani:”Yazi ngiyakubuka ucabanga ukuthi kuyohlala kunje uNsizwa lo mina ngincono ngoba sihlanganiswe uthando wena lomuthi omusebenzisela wona uzobuya ukubulale.”

Mihla:”Ubiza mina ngomthakathi Dani?”

Dani:”Ngikhuluma nawe vele suka endleleni yami.”

Amuchelise endleleni aqonde embhedeni aphequlule

Mihla:”Ufunani lapho?”

Dani:”Ngizoyithola lemto oyifake umyeni wami.”

Aguqe ngamadolo abheke phansi kombhede abone ipulastiki elimnyama aphakamise umbhede alidonse ngenyawo liyanuka bhe. Ahlahle amehlo uMihla kuvuleke umnyango wasendlini yokugezela alale phansi ngokushesha ngesisu akhale. Amangale uNsizwa makavela uDani ula umbhede ubheke phezulu uMihla uyakhala. Asondele kuye ngokushesha amuphakamise amuhlalise esihlalweni sebedroom suit.

Nsizwa:”Kwenzakalani la?”

Aphendule akhala

Mihla:”Uyabona Nsizwa umkakho ungibiza ngomthakathi makaqeda wangishaya ngesibhakela esiswini ngibathe ngiyakhala wena awungizwa. Uthi uzoyibulala lengane yami. Buka ufakani phansi kombhede aouch awu weee ma kubuhlungu.”

Nsizwa:”Ufuna siye kadokotela?”

Mihla:”Cha ngizoba kahle kumele ngiphumule nje manje lezinhlungu zizokwehla.”

Asukume aqonde kuDanisile ahlehlele emuva kancane uDanisile

Nsizwa:”Yini inkinga yakho ufuna kubuyela ejele?”

Dani:”Inamanga lentombazane Nsizwa.”

Nsizwa:”Hhey nguwena onamanga ufakani futhi kulegumbi?”

Dani:”Eyakhe lento myeni wami.”

Nsizwa:”Ngikhathele nguwe Danisile kungani ungahambi.”

Dani:”Nsizwa.”

Amushaye ngempama

Nsizwa:”Ngeke usuke le uzokweyisa la, thandaza ukuthi ikahle lengane.”

Dani:”Ikahle vele ngoba angiyenzanga lutho unamanga lo.”

Mihla:”Ungibize nangomuthakathi.”

Amuphinde ngenye impama adiyazele uDani ayishayisa ngobuso obondeni asondele uNsizwa udinwe uyisilwane. Amushaye amuphinde aphindelele angamuyeki

Mihla:”Muyeke sthandwa sami usifundile isifundo, namuhla angifuni ukulala la.”

Nsizwa:”Yena uzolala la mina nawe siya egunjini elikhulu qoqa izimpahla zakho siphume manje.”

Akhale uDani azame kuphakama kubuhlungu uyazizwa uyopha emlonyeni masekaphakeme atotobe afike abheke uMihla makandlula phambi kwakhe.

Dani:"Ngiyakuzwela."

Akhale uMihla

Nsizwa:"Uthini utheni kuye?"

Azame kubaleka kepha amufice uNathi amuphinde ngezibhakela manje umubambe ngesandla esisodwa empahleni esifubeni esinye isandla siyashaya. Bafike ngakumastebhisi asamushaya amuyeke afulathele uNsizwa uDanisile awe aginqike kuzo aze ayoshayisa phansi kwesokugcina isitebhisi ngesiphongo. Ahlahle amehlo uNsizwa makathi uyehla uMihla abambe indandatho

Mihla:"Ungayi lapho muyeke afe."

Ajike phakathi nendlela abuyele emuva, uDanisile afake isandla esikhwameni sejini ayigqokile ashayele umamezala wakhe ngoba akafuni ukuhlupha umndeni wakhe.

MaKhumalo:"Dani."

Akhale uDanisile ngawo wonke amandla anawo

MaKhumalo:"Ukuphi sesi ukuphi?"

Angakhoni kukhuluma umlomo nawo uvuvukile uyamsinda, aluvale ucingo abale umlayezo kanzima.

Dani:*I need to go to hospital now.*

Aphinde amushayele umaKhumalo angasaphenduli azame kusuka akhase ngamadolo aze afike la abeke khona isikhwama sakhe. Adonse umoya kancane avule umnyango aphushele isikhwama sakhe siyowela ngaphandle. Akhase naye aphume igazi lilokhu liyamulandela axole makezwa ihutha yemoto avule isango uDani ngoba iremote uphume nayo. Angene umaKhumalo usondela umangele naye uhamba nomamncane kaNsizwa.

MaKhumalo:"Kwenzenjani sesi wuuuuu."

Dani:"Nsizwa ungishayile."

Khethiwe:"Asingene sixoshe lentombazane sisi buka umakoti wakho unjani."

MaKhumalo:"Asimuyise kwadokotela kuqala lo ngizobuya kuye lentombazane ngeke ilale lapha namuhla. Ngeke alale emzini wakho sesi kwanele manje."

Ayidumise uKhethiwe ayothatha isikhwama sakhe bangene emotweni bahambe.

Khethiwe:"Ngena la kudokotela kukude esibhedlela."

Angaphikisi umaKhumalo ayijikise bangene naye bangabambambeleli  bamukhombe la kumele bamulalise khona. Imininingwane yakhe bayithathele kulelo wodi

Mabhalane:”Nizosebenzisa ukheshi noma medical aid?”

MaKhumalo:”Unayo imedical aid, Khethiwe hamba uyoguduza kulesikhwama sakhe sesandla.”

Amunike ukhiyo ahambe kusale kufika udokotela amubheke sekalinde ngaphandle umaKhumalo. Babuye nemedical aid bathathe imininingwane baqede bayohlala phansi.

Khethiwe:”Angikwazi okunje.”

MaKhumalo:”UKhumalo uthe uzayisiza indodana.yakhe buka manje.”

Khethiwe:”Abecabanga ukuthi uzoba kahle.”

Dani:”Uyazi sesi lomntana ngiyamuthanda ngoba kuphela komuntu owenza uNsizwa aqoqeke noma aganga kepha bekaqoqekile kancane.”

Khethiwe:”Kumele simukise uDani kugogo ayikho le.”

UmaKhumalo acabange lento ayitshelwa umyeni wakhe kuthi uyazi bekamudlisa kepha waqhubeka wahlala naye ngenxa yokumthanda. Ngeke phela amuxolele makangezwa ukuthi sekamukise uDanisile kulezinto. Akhiphe ucingo lwakhe ashayele umyeni wakhe.

Khumalo:”Nkosikazi.”

Amubikele ngezenzo zendodana yakhe

Khumalo:”Sengiwumqemane manje ngizophuma maduzane lentombazane izongazi kahle.”

MaKhumalo:”Ngiyathemba kuzosebenza.”

Khumalo:”Unamandla umuntu wami wena yenza isiqiniseko sokuthi uyameseka uDanisile. Uma bamuthumelela la esibhedlela ungazise kepha makakhishwa uhambe naye.”

MaKhumalo:”Ngiyakuzwa baba.”

Ngale ewodini udokotela makaqeda kumusula kahle igazi ebusweni uvuvukile isphongo sishayisile nje kepha asidabukanga kakhulu nasemlonyeni.

Dokotela:”Ubani okwenze nje?”

Dani:”Umyeni wami.”

Dokotela:”Ngiwabize amaphoyisa?”

Dani:”Cha.”

Dokotela:”Madam umuntu okhona kukushaya kanje akalunganga kumele ayovalelwa nezilwane ezinje ngaye.”

Dani:”Ngiyazi dokotela.”

Dokotela:”Uzokubulala ngokuzayo.”

Dani:”Ngeke ngisabuyela.”

Dokotela:”Uzokulanda.”

Dani:”Ngizoya la angazi khona kuthi ngizophepha.”

Dokotela:”Umawakho ukhathazekile ngawe.”

Dani:”Umamezala wami nosesi wakhe.”

Dokotela:”Sisi yazi ngeke ngibe kahle uma kungenzeka okuthile ngawe.”

Dani:”Ngicela ungenzele okukodwa dokotela.”

Dokotela:”Yini leyo?”

Dani:”Biza umama ngifuna izinto zami emotweni yabo ubatshele ukuthi namuhla uzongilalisa la.”

Dokotela:”Angilalisi izigulane mina uma asadinga usizo ngimuthumela esibhedlela wena kodwa ukahle awusidingi isibhedlela. Izinhlungu nje kanye nokuba nomzimba obuhlungu kuphela. Ngalento yokugcoba kanye namaphilisi ezinhlungu uzolulama awophelanga phakathi.”

Dani:”Indlela izisebenzi zakho bezigijima ngakhona bengicabanga ukuthi ngiyafa.”

Dani:”Nami bengicabanga kanjalo kusho ukuthi unegazi eliningi phela ubugcwele lona.”

Dani:”Ngiyabonga dokotela.”

Dokotela:”Ngizaya kombizake umamezala wkaho.”

Aphume udokotela ayokhuluma nomaKhumalo angasoli lutho basilande isikhwama bacele ukumbona. Usalinde idrip iphele kuyothatha noma ihora kuthi iphele ngoba isaseningi.

MaKhumalo:”Dani.”

Acimeze uDanisile

Khethiwe:”Mhlawumbe umunike okokulalisa.”

MaKhumalo:”Iledrip yona iyadakwana vele beka lezinto zakhe la uma kukhona afuna kukukhipha sizoba duzane.”

Khethiwe:”Ninosbali niyangithukuthelisa lengane yabantu aniyitsheli ngani ishiye lesilwane esiyindodana yenu akusiyo impilo phela le.”

MaKhumalo:”UDanisile umuqoqile uNsizwa ngikutshelile.”

Khethiwe:”Vuma simuyise kugogo angithi uzishelo nawe ukuthi uKhumalo uqondile futhi akudingeki ubuze.”

MaKhumalo:”Asambe ngifuna kuyokhipha lentombazane emzini wendodana yami.”

Mabaphuma avule amehlo kwehle nezinyembezi abuye udokotela sekalandelwa umabhalane.

Dokotela:”Nawa amaphilisi akho ubuye emva kwesonto, uma seyiphelile idrip, okunye ikhishiwe kumedical aid yakho komele ukhokhe ucash.”

Dani:”Anginawo ucash manje.”

Dokotela:”Uzokhokha mawubuya kuzobheka inyawo, khululeka.”

Dani:”Kulungile.”

Aphume udokotela

Mabhalane:”Sisi igama lami uPinky ngizela kuzokuxoxisa.”

Amoyizele uDani ahlale ngezinqe umzimba ubuhlungu kodwa uzokhona ukuhamba.

Dani:”Khululeka ngiyazi ufuna ukuxoxa ngamaphoyisa, ngikahle.”

Pinki:”Ngibhale inombolo yami kulekhadi likadokotela uma udinga kukhumula ngikhona.”

Dani:”Ngiyabonga.”

Ahlale alinde idrip ithi ingaphela nje ehlike embhedeni ahamba hamba kulewodi bese uyaphuma ephusha yona. Udokotela makamubona ayomuhlalisa phansi ayikhiphe athathe isikhwama sakhe. Zimbili ilesi sezimpahla nesincane afike ahlale ngale ngaphambili abheke isikhwama semali unalemali ayicela esibhedlela afuna ukugibela itekisi azange asagibela. Ahlale isikhashana bese uyaphuma adonsa lesikhwama esincane usigaxile. Makaphuma esangweni abuze umantshingelane okuthile amulayele aphume aqonde la amulayela khona. Bayamubuka abantu uyazi bathuswa ukulimala kwakhe. Agibele etekisini azichofozele ucingo athathe isithombe sobuso athumele ubabezala wakhe. Kungapheli nomzuzu ongakanani amushayele.

Dani:”Ba.”

Khumalo:”Bengishilo kodwa makoti ukuthi uyohlala ekhaya okwamanje  ngize ngiphume esibhedlela. UNsizwa akekho emqondweni wakhe ngicela ungizwe.”

Dani:”Baba impilo eyami ngiyazizwa ngeke ngikhone manje ucishe wangibulala.”

Khumalo:”Ngiyazwisisa makoti ngizoyilungisa le.”

Bavalelisane igcwale itekisi bahamba abantu bayazixoxela bajabulile yena akayazi injabulo bese kuvikwa ngokuthi uthakathiwe. Azoze athakathwe nje abefunani lapho. Baqale abantu behle ngamunye aze asale yedwa etekisini

Mshayeli:”Uyaphi sesi?”

Dani:”Ahm angilazi igama lalowo mgwaqo ngazi ngokuwubona nje.”

Mshayeli:”Manje sizohamba yonke lemigwaqo simoshe iphetiloli nje, kukwabani la oyakhona?”

Dani:”KwaDumsane Ntuli.”

Mshayeli:”Ohhh kabra Dumi khululeka sister ngizokufaka khona.”

Ingene phakathi kwezindlu itekisi alokhu ajika amakhona izingane ziyazidlalela nje zijabulile. Ayimise esangweni lakhona ehlike azomuvulela umnyango amubambele nesikhwama.

Mshayeli:”Ubani okukhawade kanje sister?”

Dani:”Ahhh abantu bebangibamba inkunzi.”

Ashaye ikhwela umshayeli

Mshayeli:”Uzobulala umuntu ubra Dumza.”

Bangene umnyango uvuleke bangakakokodi athuke uDumsane akhiphe wonke amehlo makabona uDanisile anje.

Dumi:”Mageza.”

Mshayeli:”Ayyyy angazi mina ugibele anje ngimulethe ngoba ungitshelile ukuthi uza la kwakho.”

Amuxhawule uDumsane azihambele umshayeli asale asiza uDanisile kuthi angene endlini. Aswabe makabona uSbongile uyabona ilomshana wakhe ayehamba naye ngaleliya langa uNsizwa amulanda.

Dumi:”Hey kwenzenjani.”

Akhale uDanisile amugaxe ahambe naye

Dumi:”Umalume uzokuphelezela manje nana ngilinde kancane.”

Sbo:”Ngiyazwisisa malume, ube kahle sisi.”

Aqonde egunjini lakhe naye amulalise embhedeni amubheke

Dumi:”Kwenzenjani?”

Dani:”Umzimba wami ubuhlungu ngifuna ukulala nje manje.”

Dumi:”Kulungile lala uphephile la akekho ozongena ngisaphelezela umshana wami.”

Avume uDanisile aphume uDumsane bayongena emotweni benoSbongile ayisuse ngesivinini….

***ISIQEPHU 41***

***KWANKOSI***

UmamGugu uhlezi yedwa uyacabanga netiye aqeda kulenza selize liyabanda akaliphuzi. UbabMongezi angene abelungisa iphayiphi ngaphandle elivuzayo benoSinalo. Afike eme emnyango amubheke akaboni lutho umamGugu angamuphazamisi nobabMongezi aqhubeke nakwenzayo baze baqede.

Sinalo:”Baba.”

BabMongezi:”Mmmmm.”

Sinalo:”Nizoshada nomama?”

BabMongezi:”Sashada nomawakho ndodana.”

Amangale uSinalo athuke nobabMongezi konje uNathi owazi lonke iqiniso

BabMongezi:”Ngiyadlala kumele.sishade kodwa masekakhumulile inzilo.”

Sinalo:”Uyamuvakashela nje kodwa usayigqokile.”

BabMongezi:”Akukho esikwenzayo ndodana.”

Sinalo:”Hayibo baba kuze kuse anenzi lutho.”

BabMongezi:”Wena mfana ufuna ukuzwa izindaba ezinjalo zabazali bakho?”

Sinalo:”Ngiyamangala nje baba angikweyisi.”

BabMongezi:”Angeke ngidlale ngomawakho mfanami ngiyakubona uyangingabaza.”

Sinalo:”Umama unothando baba ngithuswa yilokho ngathi nisheshe naxhumana.”

BabMongezi:”Nami kwangithusa.”

Sinalo:”Ngicela ungikhulule phela baba ngeqiniso ngiyathembisa ngeke ngithukuthela.”

BabMongezi:”Iqiniso lani?”

Sinalo:”Ingabe nguwena lospoki owayesatshwa?”

BabMongezi:”Kwakuwu baba wakho uMondli.”

Sinalo:”Abebulala abantu vele?”

BabMongezi:”Abengabasukeli hamba uyofunda amaphephandaba akudala uzobona izinto ezazenziwa uSpoki.”

Sinalo:”Makenza lezinto bekasuke enawe?”

BabMongezi:”Nami bengenza akwenzayo.”

Sinalo:”Ngamanye amagama beniwuSpoki nobabili?”

Amubheke ubabMongezi

BabMongezi:”Ungasho njalo.”

Sinalo:”Ngiyabuhlonipha ubudlelwane bakho nobabba.”

BabMongezi:”Besengijwayele ukubavikela kodwa ngahluleka kuvikela anti wakho ubabomdala amudlwengula.”

Sinalo:”Umkhulu unenhliziyo embi ugogo naye akafuni ukusuka duze naye.”

BabMongezi:”Akazenzi ugogo wenu uyamuthakatha lo.”

Athule uSinalo abuke ubaba wakhe.

Sinalo:”Baba lento eyayihlala ilenga kubaba phambili emhlophe kwakuyini?”

Anikine ikhanda ubabMongezi.

BabMongezi:”Okulenga kanjani?”

Sinalo:”Ungazenzi ngathi awazi baba wena ubuwazi ngoba bekanokukhombisa akhala bese niyahamba nibuye sekakahle. Baba ngicela ungangilwisi lezinto ziyangihlupha ngokungazi obokwenzeka kanti bengibona kancane.”

BabMongezi:”Ndodana ezinye izinto zidinga uzishalazelele noma uzibona ngoba zizokunika ubuhlungu uma sothola iqiniso.”

Athule uSinalo abuke isandla sokudla sababa wakhe sinebala elime njengelakhe, uNathi unalo naye lebaba lime ukufana.

Sinalo:”Baba.”

BabMongezi:”Ndodana ngicela ungangibuzi lutho wena uyahlupha maan.”

Bahleke bobabili

BabMongezi:”Mawubhekile baba mina ngikulungele ukuba nenkosikazi?”

BabMongezi:”Usufuna ukuthatha?”

Sinalo:”Angazi baba manginoSbongile ngiyazizwa ukuthi ngifuna ukuthatha kodwa ngiyasaba ngathi ngiseyingane.”

Ahleke ubabMongezi

BabMongezi:”Uma usukulungele ukuba nenkosikazi uyazizwa wena ngaphakathi konke okwenzayo kuyabonakala ukuthi sekumele kube khona okusizayo. Kuba ngathi unesizungu uma ungekho we uze kumuntu omthandayo.”

Sinalo:”Umuntu ukuthi uzoba yinkosikazi ekahle ubona kanjani?”

BabMongezi:”Kumele ushade umuntu omthandayo okwazi nokusebenzisa ingqondo okuningi nizofundisana kona. Uma ulandelela ukushada umuntu ozokhona kukuphakela akuwashele ube ungamuthandi ngeke ujabule emshadweni wakho. Umuntu omthandayo makenza udodi uyakwazi ukumxolela noma angakwazi ukupheka. Wena wake wamubona umawakho uGugu apheka?”

Acabange uSinalo amoyizele

Sinalo:”Angikaze.”

BabMongezi:”Ubaba wakho bekakuthanda ukudla kodwa abenganayo inkinga ukuthi umkakhe akakwazi ukupheka. Hhey besidla ukudla ngelinye ilanga okundiza u anyanisi phezulu ikhale noma uyiluma leyo anyanisi kodwa ngoba bekunothando besingabalisi.”

Sinalo:”Ngiyakuzwa.”

BabMongezi:”Endabeni yomshado mina njengobaba wakho ngingasho ukuthi linda kancane niqale ukusebenza noSbongile. Umubone ukuthi unjani masekanemali, kodwa ngiyamuthanda nami uSbongile ukhuliseke kahle.”

Sinalo:”Ngiyamuthanda uSbongile inkinga uyancishana kanti uyathanda nokuzolala la endlini sengikhathele ukuhlala ngigoqene ngenxa yemizwa.”

Amubheke ubabMongezi anikine ikhande uSinalo akasabi kukhuluma yena bengeke ayikhulume lento kubaba wakhe.

BabMongezi:”Ukuncisha ngoba athi nizolala emva komshado?”

Sinalo:”Eya baba lento oqeda kuyisho yokuthi silinde sisebenze yooo ingiphathisa ngesifo senhliziyo.”

BabMongezi:”Ndodana kulokhu kuyazicacela uma umushada manje uzobe umshadiswa ukujabulisa imizwa yakho. Umshado ufuna ungene kuwo usuready ungangeniswa imizwa yenyama.”

Sinalo:”Manje ngenzeni baba ngeke phela ngilunge kuhlala nje kanti angikhoni nokumugangela angifuni kulahlekelwa nguye.”

BabMongezi:”Hhayi inamanga lentombi yakho nizogcina nilala ngoba ihlala ila njalo, ngaphandle mangabe uyintombi nto akayazi imizwa kanjaloke mfanami  usenjeni.”

Kungene umlayezo awufunde uSinalo amoyizele

Sbo:*Sengibuyile kamalume ngicela ungilande.*

Awufundise ubabMongezi umntomdala anikine ikhanda abone nje ukuthi lendodana yakhe ifuze ubabomncane wakhe uMondli akasabi ukukhuluma.

BabMongezi:”Mulande mhlawumbe uzobuya singekho sizoya esibhedlela, uphi uNathi?”

Sinalo:”Uthe uzobuya sekuhwalele kukhona la ayoqala khona.”

BabMongezi:”Kulungile.”

Sinalo:”Mhlawumbe ngizoza nami esibhedlela angifuni kubuya noSbongile la ungilalisa kabhlungu.”

BabMongezi:”Eyyy mfana hamba ulokhu ungikhulumela ukubheda.”

Ayongena emotweni uSinalo aphume ubabMongezi asale abuyela endlini umamGugu usahlezi endaweni eyodwa usaphethe itiye lakhe. Andlule ubabMongezi ayokhipha izisebenzi nalo ophekayo amuyekise bacime isitofu bahambe akhiye iminyango ayohlala celeni kwamamGugu. Amuphulule edolweni aphazamiseke kulento ayicabangayo babukane.

BabMongezi:”Ucabanga ini?”

MamGugu:”Ngibona ngathi sivumele uNkosnathi abe negqubu ngento engekho bhuti, bekumele umubonise umukhuze. UCebi uzosizonda mina ngeke ngiphile ngaphandle kothando lwendodakazi yami.”

BabMongezi:”Ngiyamuzwisisa lento ayizwayo uNathi.”

MamGugu:”Awuboni ngoba nawe unonya wase ufuzisa uNkosnathi ukuba nonya angikhoni ukuqonda nje ukuthi izingane zamfowenu zingafuza wena ngalohlobo. Azikho nje kubaba wazo zonke zikuwe nalentombazane ikuwe ngenkani.”

Ashalazele ubabMongezi makacabanga ukuthi izingane zakhe zonke lezi

BabMongezi:”USinalo umufuzile ubaba wakhe uyakhuluma nje aphahluke.”

MamGugu:”Umufuze ngalokho kuphela lezingane zizalwe yamina ngiyazibona zikuwe zonke. Ngisho nangokuxhumana zihlala zilandela wena njalo nje.”

Athule ubabMongezi

MamGugu:”Ngicela ukhulume noNathi ayeke legqubu ingane yami ikwazi ukujabulela umyenni wayo.”

Amuyeke ubabMongezi ahlale ayamele kusofa abuke umabonakude

BabMongezi:”Angifuni uNathi abone ngathi asimuthandi Gugu.”

MamGugu:”Uyazi uthi siyamuthanda kodwa kulokhu asisakwazi kumuxhasa.”

BabMongezi:”Ngeke uzwisise asimuyeke lentukuthelo iziphelele yona kuye. Lomfana uyamuthanda uCebi bazobuyelana.”

MamGugu:”Ngamanye amagama thina sesisiza uNathi amoshe impilo kasesi wakhe, Mongezi khuluma noNathi wena uzokuzwa.”

BabMongezi:”Khohlwa uNathi uzozilungela yena okwamanje angifuni mina kuphazamisa indodana yami ngemizwa yakhe.”

Asukume umamGugu ayobeka inkomishi makandlula kubabaMongezi.

MamGugu:”Sihluleka ukubonisana sizwane ngento encane kanje sizoshada kanjanike? Kusho kona ukuthi sizohlala siphikisana mina angisafuni kuqhubeka nawe.”

Afulathele angaphenduli ubabMongezi amubuke aze ayongena egunjini lakhe afune kumlandela kepha azikhuze. Ahlale acabange phela uNathi usathukuthele uma amukhuza kulentukuthelo yakhe uzomenza athukuthele kakhulu, naye abezozizwa ngalohlobo uyazi. Ngapha uCebile wakhe uthumbu wakhe akajabulanga kodwa uyazi ngaphakathi kuye kuthi ngeke bahlukane benoLwazi.

Abuye umamGugu asabe nokuphakamisa amehlo amubheke ubabMongezi aziqinise abuke umabonakude. Asondele afike eme phambi kwakhe athuke akagqokanga lutho kudala amufisa naye kodwa ufuna akhumule inzilo kuqala. Yize azi ukuthi abelala naye yonke leminyaka kepha iyamusinda. Yize azi ukuthi ushade naye nguyena umyeni wakhe kodwa kuyafana. Angazi athini imizwa izidlalele ngaye aguqe ngamadolo umamGugu amukise isandla ebhandeni.

BabMongezi:”Gugu.”

MamGugu:”Shhhhh.”

Ayamele kusofa kahle amukhumule ibhande amusize naye ubabMongezi masekasibambile isitho sakhe asikhiphe asifake emlonyeni umamGugu acimeze abheke phezulu ubabMongezi. Amudlalise ngomlomo nangesandla

MamGugu:”Uzokhuluma noNkosnathi?”

BabMongezi:”Sizolinda yena abekahle sthandwa sami.”

MamGugu:”Menze abekahle manje wena ungubaba kuye futhi uzokulalela.”

Amumunce kakhulu abhonge ubabMongezi

BabMongezi:”Gug.”

MamGugu:”Uzokhuluma naye makabuya, khona namuhla.”

Ahlale phezu kwakhe amuqabule baphuthazane

MamGugu:”Uzokhuluma naye na?”

BabMongezi:”Yebo sthandwa sami, faka Gugulami.”

Asibambe isitho sababMongezi azixhume kuso baqume bobabili bangalindi futhi banyakaze. UbabMongezi akakwazi lokhu ukuhlala ulele ngendlela eyodwa ikwenza nemizwa ingajabuli ngokuphelele. Namuhla balele kuyakhanya bakhululekile babodwa umamGugu ukhala ngendlela afuna ngayo.

MamGugu:”Thatha mushayele ucingo kuthi abuye nizokhuluma.”

BabMongezi:”Cha sthandwa sami asiqede kuqala.”

MamGugi:”Mina ngizokufenda wena ukhulume nendodana yakho.”

Amunike ucingo asokole nokuchofoza inombolo kaNathi aluzwe selukhala amufende kakhulu umamGugu makalubamba ahlale angenzi lutho.

Nathi:”Baba.”

BabMongezi:”Ngifuna ukukhuluma nawe namuhla usheshe ubuye.”

Nathi:”Kukhona engizokwenza ba.”

Amungene emlonyeni

BabMongezi:”Angikubuzanga Nkosnathi ngiyakubiza angithi.”

Nathi:”Ingabe konke kuhamba kahle baba?”

BabMongezi:”NKOSNATHI.”

Nathi:”Kulungile ngiyeza manje baba.”

Makaluvala nje agxavule umamGugu ezinqeni amusondeze kuye kakhulu amufende ahlezi yena. Umubambe wamuqinisa nomamGugu uyafenda ngapha uyakhala uthe asuka wafenda mawala wachama umamGugu wazilahla umzimba. UbabMongezi usamufuna akakadeli akakachami yena. Masekaqedile kuchama umamGugu asukume

MamGugu:”Ngizokwanelisa mawuqeda kukhuluma noNathi.”

BabMongezi:”Hhayi Gugu cha ungangenzi nje.”

MamGugu:”Awuvumelekanga kuphuma ngalesango unje awuyi ndawo linda indodana yakho.”

Amufulathele ayongena egunjini asale amangele ubabMongezi nemizwa isamuqinile asukume ayogeza egunjini lakhe ngaphandle imizwa isamuqinile aze amoyizele yedwa achashazwa umfazi. Ashintshe izimpahla abuyele endlini ayolinda indodana yakhe…

***ISIQEOHU 42***

***ESIBHEDLELA***

Masekasele yedwa ashayele lomuntu athi usizana naye alubambe.

Lwazi:”Ndoda kunjani?”

“Ngiyaphila ndoda.”

Lwazi:”Payza ngidinga usizo lwakho ngifuna ukubaleka nevrou.”

Pyza:”Ngilalele.”

Lwazi:”Ngifuna ucingo olungeke lwa treseka, imoto nayo kanjalo ingabi yinhle angifuni kubukwa, ngifuna newheelchair.”

Pyza:”Usucabangile ukuthi niya kuphi?”

Lwazi:”Emzini kababa eSwalala.”

Pyza:”Hawu ndoda la eduzane nje mangabe kukhona enimubalekelayo uzonithola.”

Lwazi:”Ngeke bayicabange leyo bazofuna kude le emaKapa nasemaThekwini.”

Pyza:”Ufuna kuhamba nini?”

Lwazi:”Namanje nje uma ungafika uthi uzitholile ngizohamba.”

Pyza:”Usenhlanhleni ngoba imoto ikhona eyamalume selokhu ashona ayikaze isetshenziswe noma inakwe. Ngizokubhekela ukuthi iyaduma na bese ngiyakushayela, ucingo ngisedolobheni manje ngizoyithenga.”

Lwazi:”Uthenge ucingo lwesimanje ngoba ngizofuna kufunda izindaba konke okwenzekayo ngale.”

Pyza:”Kulungile ngizoza kini.”

Lwazi:”Ungaveli nhlobo angifuni kusoleke futhi ngisesibhedla kodwa ngiyaphuma kusasa.”

Pyza:”Ithi ngithenge locingo bese ngiya edladleni kuyobona lekar kamalune.”

Lwazi:”Ndoda ngeke ingifakele amehlo lemoto?”

Pyza:”Yanikwa mina akekho onendaba nayo ngoba indala ungakhathazeki abazi ngisho inombolo yayo.”

Lwazi:”Ungakwazi ukuphusha yonke lento ihlangane khona namuhla?”

Pyza:”Ngizokuphushela into engangibhayizisa iwheelchair.”

Lwazi:”Hamba uyoyithenga ngizokufakela imali ngiyazi iyabiza.”

Pyza:”Ngizoyithenga manje nayo.”

Bavalelisane makaphenduka nangu uCebi amoyizele uphushwa unesi amoyizele aye kuye.

Lwazi:”Ukahle?”

Cebi:”Ngikahle ngizokuhlola.”

Lwazi:”Baphi bonogada?”

Cebi:”Bakhona unesi uyabakhohlisa masiphuma.”

Lwazi:”Sthandwa sami ngicela sibaleke.”

Cebi:”Sibaleke siyephi?”

Lwazi:”Uma siphuma la bese sibuyela kohlala nemindeni yethu ngeke siphinde sibonane. Uyakhumbula wathini ubaba wakho uma ungakhulelwa?”

Cebi:”Ngiyakhumbula kodwa ngeke akwenze lokho ubaba.”

Lwazi:”Mina ngiyasaba nkosazana yami.”

Cebi:”Masibaleka sizodlani?”

Ahleke uLwazi

Lwazi:”Ucabanga ukudla nje sthandwa sami kuyo yonke lento eyenzekayo.”

Cebi:”Kahle hawu.”

Lwazi:”Uma uvuma ngeke ulambe sthandwa sami kepha uma ungavumi komele wazi ukuthi uthando lwethu ngeke lukhululeke.”

Athule kancane uCebile bese uyamubuka

Cebi:”Asambe myeni wami kodwa kunento engiyicabangayo uma sihamba komele sihambe noNozibusiso.”

Lwazi:”Nami ngimucabangile kuthi simuthathe kodwa  ngeke akhone ukuhlala la kungenamabonakude khona.”

Cebi:”Uma simushiya masebasifuna uyazi bangamuthatha basithuse ngaye.”

Lwazi:”Uqinsile sthandwa sami ngiyakuthanda uyezwa.”

Cebi:”Nami ngiyakuthanda.”

Lwazi:”Uma ufuna kushintsha umqondo ngeke ngikuphoqe.”

Cebi:”Haaa mina mawushintsha umqondo ngizokuthatha ngenkani angibuyeli emuva kulenzondo ephakathi kwemindeni yethu.”

Baqabulane aphakame uLwazi abize inesi limuphushe, athole umlayezo.

Pyza:*All done imoto ikahle ngibuya koyithelela manje ucingo ngiluthengile wheelchair nayo ngiyitholile.”

Lwazi:”Yenza indlela ngo 01:00 ekuseni uzosilanda mina ngiku wodi lesine umkami use 2.”

Pyza:*Ngizodinga usizo uma ungenayo inkinga.*

Lwazi:*Uma kuwumuntu othembekile.*

Pyza:*Ngiyamuthemba lowaya ngiphila naye.*

Lwazi:*Later then*

Pyza:*Later.*

Ashayele ubaba wakhe amutshele ngohlelo lwakhe.

Khoza:”Mina ngizomulanda uNozisbusiso angazi kodwa uzomuthola kanjani ngoba ngeke nje ngimunike lezigebengu zakho.”

Lwazi:”Nizozamanje ntambama kuzongibona?”

Khoza:”Angazi umawakho ulele ukhathele kanti ubhuti wakhe uyakhuleka lapha ekhoneni.”

Lwazi:”Kungani akhuleka ekhoneni?”

Khoza:”Ufuna kuqala inkonzo ngiyacabanga manje usasiza abantu emgwaqeni uyamazi akakhulumi ngamacebo akhe.”

Lwazi:”Yazi yenzanjani baba uma ulanda uNozi bazobona ukuthi uyazi sikuphi ngoba ugogo uzosho ukuthi walandwa nguwe.”

Khoza:”Uqinsile.”

Lwazi:”Khululeka ngoNozi ngizokwenza icebo.”

Khoza:”Ndodana ungafiki ushintshele lengane yabantu la oya khona.”

Lwazi:”Ngeke baba ngiyamuthanda uCebi, uma ishishini lizoqhubeka sizokwazi ukudla nathi ngale.”

Khoza:”Khululeka lapho umfowenu wenza omkhulu umehluko lo usebenza kanzima, sekaxoshe nalentombazane ibisifuna yena ngapha ikhulelwe baxabana noSiya.”

Lwazi:”Uyabona lapho ungilamulele ngiyabonga baba.”

Khoza:"Ndodana."

Lwazi:"Uziqaphele ndodana ngiyakuthanda."

Lwazi:"Ngiyakuthanda nami baba ungakhathazeki umzukulu wakho uzovela ejabulile."

Khoza:"Ngiyathemba uzovela ngisekhona."

Bavalelisane avale ucingo lwakhe ahlale isikhashana kungene uMholi acasuke uLwazi.

Mholi:"Thumbu."

Lwazi:"Mholi."

Mholi:"Ubukeka soluleme."

Lwazi:"Yebo."

Amubheke ubhuti wakhe aziphushe asondele kuye uLwazi ahlale phezu kombhede.

Mholi:"Ungithukuthelele?"

Lwazi:"Ngeke kungisize ngalutho lokho kodwa ngibonile ukuthi wena awungifiseli okuhle awungithandi futhi, uwudubula kanjani umndeni wala enginentombi khona wazi ukuthi ngiyayithanda."

Mholi:"Kwaba liphutha ntwana."

Lwazi:"Naninethuba lokubaleka kodwa nakhetha ukujika benizimisele ukubabulala bonke Mholi ngendlela nanidubula ngayo."

Mholi:"Akusinjalo ntwana ukuthuka nje nokusaba ukuya ejele."

Lwazi:"Uyakwazi ukukala isikhathi sokubaleka uyisigebengu esirufa izimoto, ubamba inkunzi emabhanki ubungahlulwa ukubona ukuthi manibaleka ngeke nibanjwe. Njenganini uthuka wena makuqala ukukhanya benizokhona ukubaleka kodwa cha nasimela nizokwazi ukudubula."

Abheke phansi uMholi

Mholi:"Angizanga kuzokuvusela ubuhlungu bengizokubuka mina ngiyaxolisa Khoza omkhulu. Yebo kuningi engakwenza empilweni yami kodwa lokhu kungenze ngadliwa unembeza nsuku zonke. Ngiyaxolisa ngokumosha impilo yakho nomkakho ngiyaxolisa Bhovungane."

Azame kubuyela emuva uMholi adabuke uLwazi ehlike embhedeni.

Lwazi:"Ngithukile bhuti angikaze ngizizwe ngithandwa ngalohlobo ngamukeliwe futhi. UCebile uyimpilo yami manje ukutshelwa ukuthi ngihlukane naye kuyangilimaza."

Mholi:"Iphutha lami lonke leli."

Baxhawulane kukhale ucingo lwaLwazi alubheke uPayza

Lwazi:”Kumele ngiphendule locingo ngokushesha.”

Mholi:”Ngizobuya.”

Aziphushe aphume amulandele uLwazi eme emnyango alubambe..

Lwazi:”Pyza.”

Pyza:”Kunoshintsho oluncane.”

Lwazi:”Ushintsho lwani manje.”

Pyza:”Umngani wami lo engithe ngizocela usizo kuyena unguchwepheshe ezintweni ezinje. Uthi ngeke yena akhone entathakusa ngoba kuthuleke kakhulu bambalwa abantu abahambayo kuzoshesha ukubonakala kumele kube yimanje ngoba kuphithizela nje abantu bazobona izihlobo zabo.”

Lwazi:”Uyabonake Pyza yingakho bengingafuni sifake abanye abantu.”

Pyza:”Khululeka mfana sedladleni lona uchwepheshe akabanjwa futhi ngoba konke ukwenza ngobunono bekati.”

Lwazi:”Kulungile ngenzenjani?”

Pyza:”Ungenzi lutho linda.”

Abheke isikhathi 18:50pm ngo 7 isikhathi sezivakashi azula zule, asalindile kungene udokotela avule ifayela alufunde angabingeleli njengabanye bodokotela. Kungene omunye ugqoke ijazi elimhlophe naye uphusha iwheelchair.

Dokotela:”Wena uyaphuma kusasa lombhede uyadingeka hlala la kuwheel chair uzopholela ecasualty.”

Ashawe uvalo uLwazi ngoba manje ulindile uPyza uyeza babe bangena nesigulane basilalise embhedeni. Inesi liqoqe izinto zikaLwazi zonke azifake esikhwameni sakhe.

Lwazi:”Umndeni wami ngeke ungifice.”

Dokotela:”Uzobuza umndeni wakho batshelwe muphusheni.”

Bahamhe naye udokotela ayongena  kwelinye iwodi uLwazi amangale bamuphusha baphuma naye bayomufaka ku ambulance.

Lwazi:”Udokotela uthe ningiyise ecasualty.”

Akekho omphendulayo bonke basebenza bathulile, ngale ewodini likaCebile kungene umuntu uphusha umgqomo kadodi omkhulu awubeke celeni kwabonogada awushiye lapho. Angene angamunaki uCebi  azulise nje acosha phansi okungatheni, alalise lomgqomo kadodi uhlanzekile ubhalwe igama lesibhedlela. Awulalise ngathi kukhona akuhlohlayo bamubuke bonogada baqhubeke ngokuma babheke phambili. Anike uCebile ipheshana.

*Ngithunywe umyeni wakho ngena kulomgqomo ungabangi umsindo.*

Angasabuzi ehlike angene kuwo ngoba ubekwe phansi masekawuvusa umgqomo soyasinda. Babheke bonogada bangawunaki kakhulu, abuyele embhedeni ahlohle imiqamelo ngathi kusenomuntu. Achithe okuthile emgqomeni lomuntu awuvale awuphushe baze bamudedele aphume. Awuphushe uMgqomo uzishayela ikhwele abantu sebayaphambana bazobona izihlobo zabo ezigulayo. Afike ngaphandle asokole kuphakamisa ungqomo aze asizwe omunye olindele ukungena phakathi. Baphakamise bobabili bawugibelise  umgqomo.

Ayogibela phambili ayisuse uCebi ukhuleka ngenhliziyo ukuthi bangabe bayamutshontsha nje ngegama likaLwazi. Athuke seyima imoto kuvuleke ngemuva adonse lomgqomo amukhiphe angasamubeki phansi ayomufaka kumesidisi wakudala ngemuva. Ajabule makafica uLwazi ahlezi ngemuva bahagane uCebile sekayakhala.

Mshayeli:”Kuyiwa kuphi manje?”

Lwazi:”Ekasi ngilanda incosi.”

Mshayeli:”Nakhona kumele siyebe?”

Lwazi:”Cha ngizongena ngiyicele kahle.”

Mshayeli:”Khumula lezo mpahlake.”

Ayinyathele uhlezi noPayza ngaphambili ifike ime la amulayela khona. Angene isikhashana ngokushesha nje aphume nendodakazi yakhe bazogibela emotweni ayisuse umshayeli.

Mshayeli:”Ngicela nibambane lapho ngoba ngiyashayela manje angifuni nikhale ngokuthi niyawa.”

Pyza:”Ishaye izule bhuti wami ngimubonile usister ukuthi uyathukuthela mangikuthatha.”

Mshayeli:”Ngijahe yena nami.”

Pyza:”Ebusweni kwenzakaleni?”

Mshayeli:”Esinye islima nje nxxxx.”

Pyza:”Ingabe ufuna kuvakashelwa?”

Mshayeli:”Angimujahanga siyeza isikhathi sakhe uzokwenza iflop futhi.”

Ngempela kube njalo ashayele ngesinye isivinini baze bayongena ezweni lase Swalala, uCebile sekazumekile ugone kuLwazi.

Pyza:”Vele nizohlala la unomphela?”

Lwazi:”Mangabe umndeni wethu usasangana sizohlala.”

Mshayeli:”Umkakho ngempela lowo?”

Lwazi:”Nguyena.”

Mshayeli:”Ubukeka ayingane kimi umuphathe kahle nginengane yentombazane engaka.”

Lwazi:”Ngeke ezwe nobubodwa ubuhlungu lobu.”

Mshayeli:”Angazi la esiya khona.”

Lwazi:”Qhubeka njalo ugade amahhashi indawo yala igcwele wona.”

Aqhubeke ngokushayela aze ayimise la amutshela khona bangenise imoto bakhiphe iwheelchair asize uCebile ahlale.

Pyza:”Ithi ngingene nabo kuqala brur ngifuna kubona kuthi bakahle.”

Mshayeli:”Khululeka.”

Bangene bakokode kabili kuvule owesifazane okhulile ababheke

“Khoza?”

Lwazi:”Yebo yimina lo umkami.”

“UCebile Angel igama lakhe?”

Lwazi:”Yebo.”

“Ningangena.”

Bangene kuyikhaya elifuthumele kuhlanzekile

“Mina ngiwu mamPhindi khululeka ndodana kusasa ngizohamba vele umthwalo wami sengiwupakile.”

Pyza:”Ngicela kubona igumbi labo.”

MamPhindi:”Ungangena wonke amagumbi ukhululeke ndodana.”

Abheke uPayza aze aneliseke abuye bavalelisane

Pyza:”Kuduzane la uma kukhona okudingayo ngale ungazise.”

Aphume uNozibusiso naye uyathalaza abuye axwaye azoma celeni kwabazali bakhe…..

***ISIQEPHU 43***

***KWANKOSI***

UNathi ufike sekashesha akazi ubizelwani ngokushesha okungaka

Nathi:”Baba.”

BabMongezi:”Hlala phansi ndodana.”

Ahlale abuke uyise

BabMongezi:”Wagcina uthi ufuna ukuhamba isikhashana.”

Kuphume umamGugu azohlala celeni kwababMongezi babuke uNathi

Nathi:”Asisekho isidingo sokuhamba.”

MamGugu:”Kusho ukuthi ubungahambi wena bofuna ukuyofuna umbulali.”

Nathi:”Ngibizelweni kanti?”

BabMongezi:”Usesi wakho akekho kahle ndodana usizi lwakho luvale injabulo yakhe. Kuyaqala ukwenzeka kulomuzi ukuthi kubekhona ofuna ukuzibulala ngalohlobo.”

Nathi:”Anti Deliwe naye wake wazama ukuzibulala.”

BabMongezi:”Manje lokho ukubona kukahle isimo sikaDeliwe asifani neze nesikaCebile. Udadewenu ukhala imini nobusuku ngenxa yosizi lwakho.”

Nathi:”Ubukanye nami baba manje sekushintshephi?”

BabMongezi:”Bengikanye nawe ekutholeni umbulali futhi ngakutholela yena kodwa lokhu ngikucabangisisile ngabona ukuthi sizoqhuba ubutha obuzohlukanisa lomndeni phakathi.”

Angene uSinalo uhamba noSbongile babingelele

Nathi:”Izinhlungu zami azibalulekanga kulomndeni?”

BabMongezi:”Angishongo njalo ndodana nonke nibalulekile manje ngiyakubonisa ukuthi ayiphele lento. Uma ufuna kuyobulala lombulali esibhedlela mina ngingakuyela ngiyokubulalela yena kodwa umndeni wakhe awenzanga lutho. Umkhwenyane ninekhontileka elikahle lokho bekubonisa ukuxhumana kwalemindeni. Dedela lenzondo Nkosnathi wena awusazilanga manje ugxile kwinzondo yena umakoti wakho uthini makunje ucabanga ukuthi uajabula?”

Nathi:”Baba uma nifuna kungijikela nonke nibe mdibi munye nabakwaKhoza kulungile nani nizoba yizitha kimi.”

Asukume ubabMongezi amushaye ngesibhakela ngale kwetafula

Sinalo:"Hamba uye egunjini Sbongile."

Ahambe sekunomsindo

Nathi:"Ungishayelani manje?"

BabMongezi:"Ngeke ngikuzale bese uzongitshela ukuthi uzimisele ukuba yisitha sami."

Nathi:"Nguwena ongiphendukelayo nje."

BabMongezi:"Lalela la noma ungaba yindoda engaka la phansi kwalophahla useyingane. Usacela ukwenza izinto manje kuzoba yisikhathi sezivakashi sizohamba sonke uma sihlangana nalomndeni sizoxolisa. UCebile ingane maaan kuthi ungaxuba uthando lwakhe ngenxa yenzondo. Akusikho ukuzila lokhu okwenzayo unenzondo."

Athule uNkosinathi amuyeke ubabMongezi

BabMongezi:"Uyangizwa na."

Nathi:"Baba angisenayo inkosikazi ngenxa yalomndeni."

BabMongezi:"Mfanami awusenayo inkosikazi ngenxa yendodanna yakhona endala, uLwazi bekala waze wazifaka enhlamvini ebiqonde kusesi wakho wamuphephisa. Lokho wake wakucabanga ukuthi lezinhlamvu kube zathola yena engumuntu wesifazane bengeke aphile."

Bonke kube khani bekhumbula kahle ukuthi uLwazi,wasindisa uCebi abheke phansi uNathi akhale akukhiphisele.

BabMongezi:"Uma uthwele lenzondo ngalohlobo ngeke ukhone ukundlula kulezinyembezi ndodana ngeke. Dedela lesimo manje uzincenge."

Nathi:"Kunzima baba njalo makumele ngiyolala kulowa mbhede ngedwa kuba nzima kakhulu. Uhambile umkami ngeke aphinde abuye awubazi lobuhlungu."

BabMongezi:"Ngiyabazi lobuhlungu ndodana buyafana nokubuka umuntu omthandayo ethandwa omunye umuntu. Ngiyabazi lobuhlungu ndodana kodwa izinto mazingemi ngendlela ofisa ngayo zidedele. Wena unguNkosi ungu Ndlangamandla xola ndodana xola mfana wami."

Amuhage akhale kakhulu uNathi ngisho nangomngcwabo akakaze akhiphe ukukhala okunje. Akhale baze bakhale bonke naye ubabMongezi.

BabMongezi:"Hamba uyolala manje."

Nathi:"Ngizoya esibhedlela nani."

BabMongezi:"Ngicabanga ukuthi sihambeni manje."

Sinalo:"Ngizohamba nani."

MamGugu:”Uze nesivakashi angithi ungashiyi ingane yabantu yodwa.”

BabMongezi:”Sala ndodana le idinga uNathi yedwa uzombona kusasa usesi wakho.”

Sinalo:”Kulungile ayikho inkinga.”

Bonke baye emagunjini abo asale ubabMongezi masebangenile bonke alandele umamGugu avale umnyango. Amufice eme ekasini lezimpahla abheke azokugqoka amugxavule ngemuva amuphendulele kuye amuqabule.

MamGugu:”Siyabuya uzokuthola ukudla kwakho.”

BabMongezi:”Soba side leso sikhathi.”

Amuqabule futhi

MamGugu:”Bhuti.”

Angamunaki azikhumule ibhande amuphakamise umlenze owodwa amungene aqume umamGugu. Amuncenge kancane aze abe manzi ngokwanele amufende uyashesha umamGugu naye sekahanjelwa ingqondo.

MamGugu:”Owhhhhh Mongezi.”

Aqhubeke ngokuzidelisa ubabMongezi ngesithandwa sakhe uyaquma akafuni nokumubheka aqume kakhulu masekazizwa ukuthi sekayachama. UmamGugu amubambe kakhulu

MamGugu:”Ngiyachama Mongezi.”

Angamuphenduli naye akhiphe isidoda emnyango

Sinalo:”Mama ubhuti unilindile.”

Alikho nephimbo lokuphendula kumamGugu

BabMongezi:”Siyeza ndodana umawakho ongaqedi.”

Aphume kuye bazilungise ngokushesha ubabMongezi ashintshe futhi ezinye izimpahla zakhe zihlala egunjini lika mamGugu.

MamGugu:”Yini kodwa ukuhluleka ukuzibamba?”

BabMongezi:”Ungaphinde ungibambe ngemizwa ngalohlobo lento ongenze yona emini bekungathi ngiyahlanya.”

MamGugu:”Ngiyakuthanda.”

BabMongezi:”Ngiyakuthanda nami Gugulami asambe.”

Baphume uNathi unomfowabo celeni kwemoto

Sinalo:”Kunini umuntu negugu lakhe.”

MamGugu:”Awuvale umlomo wakho kanye nje.”

UNathi angasho lutho bayogibela emotweni kushayela ubabMongezi baqonde esibhedlela. Mabafika isikhathi sezivakashi balinde kancane emnyango kunomuntu ophusha umugqomo kadodi omkhulu omnyama nguyena ovimbe indlela. Aphume aze ayowugibelisa elolini ahamba ngalo, asokole uNathi amusize baxhawulane abonge bese bangena esibhedlela.

Nathi:”Nina nizoshada nini?”

BabMongezi:”Hayibo wasibuza into enjalo esikhaleni nje.”

Nathi:”Thina siyizingane lento eniyenzayo mayenziwa yithina ayisabeki, kanti makungabantu abadala kuyathusa.”

MamGugu:”Thina senzani kanti?”

Nathi:”Niyathandana mama kuncono nibonise izwe lonke nishade. Mama kulempelasonto esiya kuyo ukhumule inzilo. Ngizolanda umkhulu nogogo abazali bakho.”

Babukane ukhuluma uhamba phambi kwabo ubabMongezi amoyizele

BabMongezi:”Yewena mfana kusukela nini sitshelwa nguwe okumele sikwenze?”

Nathi:”Kusukela ngishawe ngempama kuthi ngikhiphe inzondo ngibe nothando, sifuna abazali bethu beshadile hhayi lokhu.”

Bafike ewodini likaCebi ubabMongezi uchazeke wendlulele bangene babone ngathi usalele.

BabMongezi:”Muvuse ndodana azozwa izindaba ezimnandi.”

Nathi:”Asimulinde kancane uCebile uhlala akhala akalali kahle.”

Bahlale phansi belokhu bexoxa umamGugu ulokhu ubuka loxhumano oluphakathi kwabo oluningi nje kakhulu. Indlela ababukana ngayo bayafana bayinto yinye, yebo ubhuti wayise wakhe kodwa lokhu kundlulele.

MamGugu:”Bhuti ngenkathi ulwa noNathi uthe kuye uyindodana yakho.”

Nathi:”Hawu mama angisiyo kanti?”

MamGugu:”Indlela asho ngayo ubhuti abegcizelela kuthi indodana yakhe uyakuzala.”

BabMongezi:”Seside lesikhathi uCebi ulale ubuthongo obungakanani na?”

MamGugu:”Niyangiziba.”

Kungene udokotela aqonde kwifayela alibheke akhiphe umjovo

Nathi:”Kuyalunga kodwa dokotela?”

Dokotela:”Uyalunga manje kusele nje ukuthi akhone ukuzwa izinyawo zakhe.”

MamGugu:”Uzokwazi kodwa yena ukuhamba futhi.”

Dokotela:”Uzokwazi futhi nalenyanga izophela sekakhona ukuzimela.”

Alungise umjovo asondele kudrip awuhlabe khona

Dokotela:”Cebi.”

Kuthuleke avule lengubo bathuke bonke kunemiqamelo embesiwe ahlanye uNathi aye kubonogada aphose isibhakela koyedwa.

Nathi:”Uphi usesi wami.”

Babukane bonogada ngoba azange basuke la emnyango kubanzima ngisho ukuya endlini encane phela abafuni ukuphoxa uNathi. Bangene belandelana bamangale nabo imiqamelo udokotela sekashaya ucingo kuthi bavimbe esangweni kunesigulane esingatholakali.

MamGugu:”Ingane yami”

BabMongezi:”Akukho la bekangaphuma khona uphume ngomnyango uphi?”

Nogada:”Azange simbone aphuma thina mnumzane.”

Nathi:”Ukhona oke wangena la noma yena uke waphuma mhlawumbe?”

Nogada:”Uke waphuma nenesi aya ku Xray kodwa wabuya nalo bamushiya la.”

Dokotela:”Xray akayidingi iXray uCebi ngoba beseyenziwe, ubani lowo nesi?”

Nogada:”Angimazi kepha ngingamukhomba.”

BabMongezi:”Akekho omunye ongenile?”

Kuthuleke bacabanga onogada

Nogada:”Ohhhhh kungene lomlisa bekahlanza la acosha udodi nomgqomo omkhulu.”

Nathi:”Umgqomo omkhulu omnyama?”

Bavume bonogada

Dokotela:”Hhey nina navumela umuntu ophethe umgqomo emawodini udodi awuthathwa la ulandwa ngale.”

Nogada:”Hayibo asisebenzi la.”

MamGugu:”Kuyafana ngoba nihlulekile kusebenza umsebenzi eninikwe wona.”

UbabMongezi babhekane benoNathi baze bakhulume ngesikhathi esisodwa.

Mongezi/Nathi:”ULwazi.”

Baphume ngokushesha umamGugu asale abheke mhlawumbe izimpahlana zakhe azishiyile angatholi lutho.

MamGugu:”Lwazi ndodana ngiyathemba ingane yami inawe uma nibalekela lenzondo ngiyazwisisa kepha ngicela ningazise ukuthi nikahle la enikhona. Mangabe itshontshiwe ingane yami bandla ngizoba yini.”

Akhale umamGugu aze aqamele phezu kombhede, uNathi bayashesha la kumaphasiji bashayisana nodokotela bafike bangene ewodini likaLwazi akekho sekulaliswe omunye umuntu. Aphume uNkosnathi aye etafuleni likamabhalane

Nathi:”Nimulalise kuphi uLwazi Khoza bekalele la.”

Asho akhomba iwodi likaLwazi achofoze umabhalane abuye ababheke

Mabhalane:”Akakhishwanga uLwazi lapho usesewodini.”

Nathi:”Hayibo uLwazi wakini unje ngalo olele lapha?”

Mabhalane:”Uxolo mnumzane ekhaya akekho uLwazi.”

Abone uNathi ukuthi angeke athole usizo lapha,

BabMongezi:”Landa umawakho siyobabheka kwaKhoza.”

Ajike sekagijima

Nathi:”Ngiyathemba sesi wami omncane ukwaKhoza ngiyaxolisa sesi buya kubhuti ngeke ngisakuzwisa ubuhlungu. Afice umawakhe akhala amubambe ngesandla babuyele emotweni. Manje sekushayela ubabMongezi ayisuse ngesivinini nasesangweni bahluleke nokummisa.

Nathi:”Uyabona ukuthi bamadlabha labonogada bayakuyeka uyaphuma mangabe sitshontshe isigulane?”

MamGugu:”Angel wamama ukuphi na?”

Bafike beme kwaKhoza

MamGugu:”Anizanga ukuzolwa la sizobuza kahle.”

Pho ukhuluma nobani uNkosnathi makabona ukuthi isango lidinga ilimothi eqe ngaphezulu ubabMongezi makathi ulandela indodana yakhe amukhuze umamGugu.

MamGugu:”Hayibo musa ukwenza amahlazo ungazokwenqa isango lasekhakha ndodakazi yakho?”

Akhuzeke ubabMongezi babone umnyango uvuleka uNathi angene phakathi kuvula uMsizi.

Nathi:”Sanibonani.”

UmaKhoza besekathukile bamangale ebingelela uKhoza afunde kwezakhe ukuthi sekabalekile undodana wakhe nesithandwa sakhe.

Khoza:”Nkosi sesenzeni manje?”

Nathi:”Ngiyaxolisa kuningenela ngizobheka uCebi ukuthi akekho la na?”

MaKhoza:”Akekho esibhedlela kanti?”

Nathi:”Cha.”

Kukhale ihutha ngaphandle

Nathi:”Eish bengicela nivulele abazali bami basele emgwaqeni.”

Khoza:”Wena ungene kanjani?”

Abheke phansi uNathi anikine ikhanda uKhoza

Khoza:”Vula isango ndodana.”

Babavulele bangene bahlale babhekane emehlweni bonke bakhathazekile uKhoza kuphela ozidlela izinkobe zakhe.

Msizi:”Baba ugcine nini kukhuluma noLwazi?”

Khoza:”Ungishayele emini.”

BabMongezi:”Akukho akushilo mhlawumbe ngamacebo akhe?”

Khoza:”Cha akukho yena ungitshele nje ukuthi uyangithanda ngitshele nomawakhe nabobhuti bakhe ukuthi uyohlala asithanda.”

MamGugu:”Hhayi mangabe bayozibulala labantwana?”

BabMongezi:”Asambeni ndodana sizobikela amaphoyisa.”

Bomama bayakhala manje uMsizi ulokhu ubheka uyise wakhe ngendlela amuthanda ngayo uLwazi bengeke aphole ngalohlobo kumele ngabe sekahluleka ukuphefumula.

BabMongezi:”Ngaphambi kokuthi sihambe mndeni wakaKhoza siyaxolisa ngenzondo kanye nodweshu esalenza la. Labantwana bayathandana ngiyacabanga bayabaleka la abakhona.”

Khoza:”Ingxabano iyenzeka ekuhlaleni Nkosi sizobathola abantwana.”

Nathi:”Ngiyaxolisa nami baba ngokudelela angazi bengicabanga ini.”

Msizi:”Kulungile Nkosi.”

Baxhawulane bonke baphume belandelana, umndeni wakaNkosi bagibele emotweni yabo nokaKhoza bagibele kweyabo. Bafike bamelane emaphoyiseni kukhulume uKhoza nobabMongezi. Babatshele ukuthi kumele balinde amahora awu24.

BabMongezi:”Nisho ukuthi izingane zethu noma zisengozini kumele silinde zife.”

Phoyisa:”Mnumzane iyazicacela indaba yalezingane zenu bahambe ndawonye thina ngeke simoshe isikhathi sikahulumeni. Banikeni isikhathi masebakhathele bazobuya.”

BabMongezi:”Izingane lezi.”

UKhoza abhambathe ubabMongezi emhlane.

Khoza:”Liqinisile iphoyisa Ndlangamandla kumele sibeke umoya phansi.”

Babuyele emuva bangene ezimotweni zabo bahlukane bathatha indlela ehlukene……

## ***ISIQEPHU 44***

## ***KWADUMSANE***

Avuswe indlala uDanisile nekhanda libuhlungu ehlike embhedeni aye ekhishini, athuke inja kaDumsane isemnyango sekumnyama manje. Athuke phela mukhulu lobhova nalokhu imnyama nje iyasabisa. Idlalise umsila azincenge abone ukuthi ayimuxwayi aye emabhodweni uyakhumbula ufike umshana waDumsane apheka. Aziphakele abheke inja ilokhu ikhonkotha yenza ngathi iyagubha iphinde ibheke uDanisile.

Dani:"Ufuna ukuya ngaphandle?"

Ikhonkothe

Dani:"Uphi kanti ubabakho?"

Avule umnyango imoto ayikho amangale inja iye ekhoneni legceke ichame ibuye kuye. Amoyizele uDanisile ayiphulule ekhanda

Dani:"Ukufundisile ubaba wakho cabanga makufundiseka wena kepha umuntu ahluleke mxm."

Babuyele endlini athathe ukudla kwakhe ahlale khona ekhishini adle nokuhlafuna kubuhlungu. Acabange lento beyenzeka akakholwa uNsizwa akakaze amushaye impilo yakhe yonke. Azame ukuzicabanga abuyelana noNsizwa akaboni akazi noma uhlale naye amenza okuningi okubhlungu kwaze kwaphela uthando. Akazi noma uhleli naye ngenxa yabazali bakhe. Inja ila duze kwakhe noma isabeka ayisamuthusi asukume afake amanzi kuzinki. Makafaka isitsha sakhe emanzini kuzwakale ukuduma kwemoto ngaphandle nenja ikhonkothe. Angene umnyango bewungavalwanga sekakhiphe amehlo wonke.

Dumi:"Kungani nivule umnyango?"

Aphenduke kancane uDanisile amubheke asondele uDumsane

Dumi:"Wenzani umile kodwa kube ungilindile."

Dani:"Besengilambe kakhulu."

Dumi:"Uzizwa njani?"

Dani:"Umzimba ubuhlungu nokuhlafuna bekunzima."

Dumi:"Sihambe siyothenga okulula?"

Dani:"Cha sengisuthi manje mhlawumbe uzokuthenga kusasa."

Amoyizele makezwa ukuthi uzobe ekhona nakusasa, babukane bese uyashalazela uDanisile. Asondele kuye uDumsane amubambe izinyembezi zizehlele kuye.

Dumi:"Kungani akwenze kanje umyeni wakho?"

Amudonse bayohlala kusofa nangendlela amubamba ngayo uDumsane uyachophelela ngathi usaba ukuthi uzophuka. Novalo luyamushaya akakhoni nokuphefumula kahle bahlale phansi amulungisele umqamelo wosofa kuthi ayamele kahle. Amubeke unyawo lwakhe etafuleni.

Dani:"Uhlala unje vele?"

Dumi:"Nginjani?"

Dani:"Kunakekela kakhulu."

Amoyizele uDumsane amubheke

Dumi:"Kwenzakalani empilweni yakho?"

Amuxoxele konke uDanisile kusukela ekuqaleni kokuganga komyeni wakhe, athukuthele uDumsane ukuthi umuntu ovele wamuthanda aqala kumbona uhlupheka ngalendlela. Uyazi yena angamuphatha kahle kodwa okubalulekile ukuthi naye amuthande futhi akazithandi izinto zokumphoqa.

Dumi:"Wena uzimisele ngani?"

Dani:"Yazi angazi ngiyazizwa ngaphakathi ngifuna ukumuyeka."

Dumi:"Uthe ubabezala wakho uzomulungisa makaphuma esibheldlea."

Dani:"Dumsane noma sekalungisiwe angazi noma ngisazojabula mina kulomshado, angiyazi injabulo Dumsane."

Dumi:"Ubani okumele akunike lenjabulo?"

Amubheke uDanisile

Dani:"Angizwisisi."

Dumi:"Uthi wena awujabulanga ubani okumele akwenze ujabule?"

Dani:"Umyeni wami."

Dumi:"Cha umyeni wakho abezijabulisa yonke leminyaka ngalokujola kwakhe nawe kumele uzijabulise."

Dani:"Usho ukuthi nami ngijole?"

Dumi:"Mangabe kuyakujabulisa lokho."

Amangale futhi

Dumi:”Khohlwa umyeni wakho kancane wenze lokhu okujabulisa uDanisile qobo lwakhe, ubuphila kanjani ngaphambi kokuthi ushade?”

Amoyizele uDanisile kuze kuthatheke noDumsane amoyizele naye.

Dani:”Bengithanda ukusizanje abantu ngaze ngenza nobuhlengikazi, ngahlangana nomyeni wami ekolishi saqala lapho kuzwana kepha yena wayengafundi. Masesishadile azange ngisaqhubeka nekolishi ngashiya nje konke.”

Dumi:”Nguyena wakuyekisa?”

Dani:”Cha ukuthi besihamba kakhulu mangibuya angisazi okuqhubakalayo ngagcina ngiyeka.”

Amugaxe uDumsane isandle sakhe silokhu simuphulula esiphangeni.

Dumi:”Wena wazilahla lapho wase ubheka umyeni wakho naye owagcine sekabhoreka ukubukwa njalo. Umshado awusho ukuthi khohlwa nguwena kepha usho ukuthi iza nobuwena nami ngize nobumina sikuhlanganise kube yilento ekuthiwa yinye sisekane. Uma uya kowenza okwakho ngikuphelezele noma ngabe kungibhora kanjani uma ngiyokwenza okwami ungiphelezele. Siphilisane lokho kuzokwenza umshado wethu ungafani nejele.”

Amubheke uDanisile akakaze ezwe lenkulumo uyaqala ukuyizwa futhi inobuhlakani, kwehle izinyembezi kuDanisile asukume ahlale phezu kwetafula abhekane naye.

Dumi:”Ukhalelani?”

Dani:”Kunzima Dumsane.”

Dumi:”Akukho nzima lento ayidingi uyiphaphele thatha isinyathelo esisodwa ngesikhathi.”

Dani:”Mina ngiyimi nje impilo yami imile akukho okwenzekayo noma ngithi ngiyalungisa angazi ngiqale ngakuphi.”

Dumi:”Ukube angikuthandi bengizokubonisa okumele ukwenze.”

Dani:”Uyangithanda ngempela?”

Dumi:”Kakhulu ngane yomuntu awazi kungilimaza kanjani ukukubona unje. Mntwana angikhoni nokukuvikela selokhu weza esibhedlela alishoni ilanga ngingakucabangi. Selokhu ngabona kwakho alishoni ilanga ngingandlulanga khona. Ngiyakuthanda Dani ngendlela eyisimanga futhi.”

Dani:”Dumsane.”

Asho ngephimbo elincane

Dumi:”Cha angisiyona ingane mina ngeke ngiphoqe ukuthandana nawe ekubeni ngikubona ukuthi awungithandi. Nami ngeke ngivume kuthandana nawe ekubeni ngazi

kahle kamhlophe ukuthi inhliziyo yakho ikomunye umuntu. Wanginika ubuwena la kimi kwakuhluke ngenye indlela angikaze ngixhumane nowesifazane ngalohlobo. Selokhu ngalala nawe kunzima ukulalela imizwa ngilale nomunye umuntu kuba ngathi ngizokhipha loxhumano.”

Dani:”Ohhhh kodwa Dumsane.”

Amuhage uDanisile azame ukumuqabula anqabe uDumsane abe nezinhloni.

Dumi:”Awazi ngikufisa kanjani ngiyafisa kukuqabula ngikudabulele lezimpahla zakho ngikungene ngikuphume kodwa ngeke. Ngifuna ube semqondweni wakho ongaphathekanga kabi. Ungacabanga ukuthi uyangithanda manje kanti cha wenziwa ukuthi ungibona ngihlukile kumyeni wakho.”

Dani:”Ngiyaxolisa.”

Dumi:”Ungaxolisi.”

Dani:”Kunento engayizwa ngenkathi ngila namanje ngiyayizwa iyona engigubhayo futhi ngizele yona bengingaya ekhaya.”

Dumi:”Yini lokho?”

Dani:”Ukuthula kushaya umoya la kwakho ngathi angiphili kulomhlaba, namanje ngiyazizwa ngisezinhlungwini kodwa ngathi anginazo. Ngiyafisa kuhlale kunje ngaphakathi kimi.”

Dumi:”Konke kuzokwenzeka ngendlela okudalwe ngayo. Uma uzobe ujabulile nje mina ngizojabula.”

Sekaqamele esifubeni sikaDumsane makabona isitho sakhe siphefumula phakathi kwebhlukwe acabange ukuthi sebake balala nje. Aphakamise amehlo noDumsane amubheke.

Dani:”Ngikuzwile uma uthi kumele ngibe semqondweni wami ngokuphelele ngizazi engikufunayo. Manje ngicela ungenze ngizizwe njengomfazi futhi angisho ukuthi sithandane ngicela ukukhohlwa kancane umhlaba ngizowubona masengibuyela ekhaya.”

Dumi;”Kimi ngeke kufane nokulala nje kuthi ngikhohlwe izinto mangingena kuwe kuzobe kwenzeka uthando noma ngiphuma kuwe. Isidoda sami masiphuma kuzobe kugcwaliseka ukuthi.”

Amungene emlonyeni aze aphakame kancane babhekane duzane

Dani:”Ngicela ungijabulise Dumsane okuzokwenzeka sizokubona isikhathi masiqhubeka.”

Dumi:”Anginawo majazi omkhwenyane.”

Dani:"Hamba uyowathenga angiyi ndawo."

Acabange uDumsane ukuthi mabalala kwenzakalani yadabuka icondom uma kukhona onesifo sekamunikile omunye. Yena uyazazi ukuthi uhlala azivekela lento ayizwayo manje iyamuphikisa. Imuvala kuzicabangela naye uyayivumela noma azibuza uma umyeni wakhe amulandele isifo ngaphandle abuye aziphendule ukuthi uma kunjalo sekanaso naye.

Dumi:"Emva kokulala nami uke wathintana nomyeni wakho?"

Dani:"Cha azange akangifuni."

Dumi:"Mina ngiyakufuna."

Dani:"Nami ngiyakufuna."

Baqabulane uyamuncenga kahle uDumsane ngoba ulimele amuphakamise kahle ayongena naye egunjini. Amubeke kahle phezu kombhede abuye amuqabule.

Dumi:"Ndoni kaDumsane.

Dani:"Icondom?"

Amuqabule mawala uDumsane angamuphenduli uzidelile ngenxa yenkanuko sebakhumulene babanqunu. Aze amungene uDumsane baxhumane kakhulu asenza kanye kabili. UDumsane makabona ukuthi wehla izinyembezi uDansile.

Dumi:"Ngiyeke?"

Dani:"Cha."

Dumu:"Kubuhlungu?"

Dani:"Kumnandi Dumsane kumnandi ngidliwa unembeza."

Dumi:"Ufuna kuwulalela unembeza wakho?"

Dani:"Cha."

Dumi:"Vala amehloke ulalele lemizwa."

Aphakamise isivinini

Dani:"Mmmmmmmm Dumsane."

Asizakela uDumsane umqondo wakhe uyazi ukuthi unaye futhi uyaqhubeka akamuyekelisi. Baqhubeke nokujabulisa imizwa baze baqede, nasebusuku baqhubeke baziphinde balale kuze kuyosa…..

***ISIQEPHU 45***

***MAMYOLI***

Uyaneka umamYoli ngaphandle makuma imoto kaSinalo kwehlike indodakazi yakhe ababuke. Angehli uSinalo ahlehlise imoto ahambe, ayibuke indodakazi yakhe isondela, ijabulile uyayibona kepha lusamshaya uvalo ngathi angamuphilela impilo yakhe amuthathele nezinqumo.

MamYoli:"Wena uthi usaseyitshitshi nje?"

Sbo:"Hayibo mama."

MamYoli:"Ngiyabuza phela ngizokwazi wena sohlala ulala kaNkosi."

Sbo:"Mama ngiseyilo."

MamYoli:"Asazi ntombi."

Sbo:"Kwenzakalani kagogo?"

MamYoli:"Kunani?"

Sbo:"Kuyaphithiza abantu bayangena bayaphuma."

MamYoli:"Ungangithusi wena kungenzeka ukuthi ugogo sekathulile?"

Sbo:"Izolo ekuseni bengiyise amanzi abesebenza ngaphandle."

Ashiye lapho izimpahla baphume ngempela kume iloli ngaphandle kunabantu abaphithizayo. Baqonde khona baze bafike endlini sekune butler manje likhiyiwe babukane. Aqhamuke ugogo uyazihambela nje Amoyizele makababona.

Gogo:"Hawu nema nje kwenzenjani?"

Abavulele bangene

MamYoli:"Kwenzakalani gogo thina sithuswa ilokuphithizela."

Gogo:"Mntanami akakutshela kanti ubaba kaSbongile?"

Acabange ukuthi ukhuluma ngoKhumalo na

Gogo:"Ngamubiza angithi ngamutshela ukuthi nginikela ngalendawo le kuthi akhe indlu yakhe yesonto. Mina noma angangakhela indlwana nje enegumbi elilodwa ngihlala ngedwa."

MamYoli:"Hawu kodwa gogo."

Gogo:”Mangihamba mntanami vele lendawo iyodliwa uhulumeni angithi noNhloso akasekho akukho muntu ozoyikhalela.”

Sbo:”Gogo manje uyakholwa ukuthi akasekho uNhloso?”

Gogo:”Ukube usaphila ngabe sekaqhamukile uNhloso abehlakaniphe kabi ukube ubanjiwe ngenkani abezoyenza indlela yokuthi abaleke. Akasaphili nangendlela engimuphupha ngayo iyabonisa ukuthi usemathambo amhlophe.”

MamYoli:”Lokho akukuphathi kabi?”

Gogo:”Mntanami kwaba buhlungu azange ngilale ngenkathi nisuka la nomkhwenyane kodwa ngayincenga inhliziyo yami. Umzukulu wami uhambe azi ukuthi ngiyamuthanda nguyena owakhetha lendlela eyaphinde yamubulala.”

MamYoli:”Lomlisa uzongibulala lo akashongo lutho kimi, sebagubha isakhiwo basiqeda saze soma.”

Sbo:”Azange akutshele?”

MamYoli:”Azange masihlangana sihlala siyokhuleka kuphi kuphi akakaze ayithi vu.”

Sbo:”Manje ibutler gogo?”

Gogo:”Nguyena owalifaka ohela ngeke sibazi labantu abakhayo bazaze bahalele amathanga ami ashwabene.”

Bahleke umamYoli makabuka ugogo uyamubona akasenalo usizi wayehlala ebiphile nje agcwele usizi emehlweni. Manje amehlo akhe ayaphila kwayena nje unempilo nangendlela ahamba ngayo iyabonisa ukuthi weneme. Baphume bayobuka lesakhiwo sekuyabonakalisa la ekuzoba yindawo yokuma kwamfundisi, abanye babhuqa udaka. Bavalelise ugogo bahambe esangweni lakhona kume abazali bakaMihla babukane abakaze phela beze la.

MaMzobe:”Mantuli kunjani sesi?”

MamYoli:”Ngiyaphila mama nina ninjani ninobaba?”

MaMzobe:”Siyaphila ngane yami asisangeni kwenzakalani lapha kagogo?”

USbongile abingelele abashiye angene yedwa

MamYoli:”Bakha indlu yesonto mama.”

MaMzobe:”Hawu ugogo vele unegceke elikhulu yena walisika kudala lokhuya basakhipha amagceke amakhulu.”

MamYoli:”Yebo yilo elikhulu nje naleli lalapha kaMlotshwa.”

MaMzobe:”Yebo angithi indawo yabazali bakhona bengakashoni.”

MamYoli:”Hhey ngiyamukhumbula.”

MaMzobe:”Ngane yami ngithi asizonazisa nje besihlezi kamnandi nani thina sizovalelisa nje siyayishiya lendawo.”

MamYoli:”Hawu mama ingabe kukhona okuniphathe kabi?”

MaMzobe:”Mntanami asikhoni ukukhohlwa indodakazi yethu endala kunzima kabhlungu.”

MamYoli:”Hawu mama kodwa ngaze ngabuzwa ubuhlungu iNkosi ibe nani.”

MaMzobe:”Unayo inombolo yami usibize ngosuku lwakho lomshado.”

MamYoli:”Umshado wakuphi manje?”

MaMzobe:”Ayihlali phansi isaba amazolo wena nomfundisi lo owaphelezela uAmanda ukuya endlini yakhe yokugcina.”

MamYoli:”Hawu kodwa ubani lo ongikhulumayo manje?”

Bahleke uMzobe uzithulele nje ngathi akezwa lutho.

MaMzobe:”Asambe baba.”

MamYoli:”UMihla uphi mama?”

MaMzobe:”Eyyyy mntanami asimazi noma uziganisile uMihla wanele kuthandana nendoda eshadile waphuma nje endleleni wangafuna ukuboniseka. Usesi wakhe uficwa ukufa nje abazwani babanga lokho abemubonisa yena angafuni.”

MamYoli:”Mhlawumbe manihamba uzofika abekahle emakhaya.”

MaMzobe:”Siya kuye masisuka la mangabe uyanqaba sizomushiya. Namanje kube kuya ngami ngabe uyahlukana nalomlisa.”

MamYoli:”Nimukhulekele mama akukho okundlula umkhuleko womzali.”

Mzobe:”Indodakazi yakho uyihlenge kahle njalo ndodakazi futhi nala eqome khona bazoyinakekela. Uyitshele ukuthi azinake yena kuqala.”

Ashalazele umamYoliswa abantu abadala bazi ukuthi ingane yakhe uqomile, umaMzobe ashaye umyeni wakhe esandleni.

MaMzobe:”Hhayi baba utshelwa ubani ngokuqoma kwezingane asambe?”

Mzobe:”Ngiyababona angithi yibona laba abanokuhamba ngesithuthuthu bahleke uthando oluseluncane.”

Amoyizele umamYoli

MamYoli:”Sizothini baba bakhulile.”

Mzobe:”Mina ngiyawuthanda umndeni wakaNkosi ngaphandle kwemali bayaphila.”

MamYoli:”Kona kunjalo baba mhlawumbe nami ngivunyiswe ilokho nje kuthi aqome.”

Bavalelisane bahambe uSbongile sekaneke waqeda

Sbo:”Mama yazi kufike omunye usesi olimele kamalume akhala kabuhlungu.”

MamYoli:”Ungubani?”

Sbo:”Angimazi umalume umuhambise wayolala wase uyangiphelezela ngingakasho ukuthi ngiyahamba.”

Amuhleke umawakhe naye agcine sekazihleka

MamYoli:”Kungabe ukuthi uthandana nesinye isigebengu bandla umfana wamama.”

Sbo:”Umalume uhlakaniphile ngeke badlale ngaye kodwa yena ubukeka amuthanda ngempela ngoba bekangaxoxi la endleleni.”

MamYoli:”Yingakho angangenanga nje abejahe yena.”

Sbo:”Umushayele ukhulume naye mhlawumbe umngani nje.”

MamYoli:”Umngani olaliswa egunjini lakhe awulethe locingo lwami ngishayele uMsizi kungani angifihlela indaba yesonto.”

Sbo:”Sofuna nilwe manje.”

MamYoli:”Hhey letha ucingo lwami.”

Amunike amushayele

Msizi:”Sthandwa senhliziyo.”

MamYoli:”Isthandwa senhliziyo lesi osifihlelayo.”

Msizi:”Usubonile ukuthi ngiyakha kagogo?”

MamYoli:”Yebo ungakhona ukufihla duzane kanje?”

Msizi:”Izinto ziningi ezenzekayo sthandwa sami, umndeni wami ngapha uthumbu wasekhaya ubalekile nomkakhe aqeda kumlobola ngapha ilento yesahlukaniso. Manginawe angifuni sixoxe ngezindaba ngifuna sijabule nje bengizokutshela ngesonto.”

MamYoli:”Niyamthola manje uthumbu?”

Msizi:”Umndeni wakhabo mkakhe uxabene nebasekhaya ngiyacabanga bahanjiswe yilokho bazobuya.”

MamYoli:”Kuncono uma unethemba, isehlukaniso akasifuni umkakho?”

Msizi:”Ungakhathazeki uzosayinda abecabanga ukuthi ngizolokhu ngincenga izimpahla kanti cha ngimunike zonke manje sekanenkinga futhi.”

MamYoli:”Wena kungani umunika konke?”

Msizi:"Nginawe manje uzojabula mangiza namakhabethe bewasetshenziswa omunye umfazi?"

Ahleke umamYoli

MamYoli:"Awwwwu ngeke vele sizoqala kabusha sobabili sthandwa senhliziyo yami."

Msizi:"Namuhla ngiyathembisa ngizobuya ngingasashadanga."

MamYoli:"Uhambile?"

Msizi:"Yebo usuku lwenkantolo kushoda ukusayindwa kwakhe kuphela."

Ezwe ubuhlungu umamYoliswa kuthi uhambe angamutshelanga futhi uzobonana nesthandwa sakhe sakudala.

Msizi:"Yoliswa angisiyo leyo ndoda mina khululeka inhliziyo yami ikhethe wena bengingacabangi ukuthi ngizophinde ngithande. Nakhu ngithandile wena futhi uyikho konke, akukho engizokwenza. Angikutshelanga ngoba ngingafuni ukhathazeke siyezwana."

MamYoli:"Uma ubuya noma ngabe kuhlwe kangakanani ngicela undlule la."

Msizi:"Noma kungabo 3 ekuseni?"

MamYoli:"Yebo."

Msizi:"Ngizokwenza njalo khululeka sthandwa sami."

MamYoli:"All the best sthandwa sami."

Msizi:"Ngiyabonga."

Bavalelisane asale abheka ucingo lwakhe

MamYoli:"Nana uphi uNokuthula umgcine nini?"

Sbo:"Angikhumbuli yazi kodwa akajwayelanga ukunyamalala kanje."

MamYoli:"Ngisamuhlola."

Amushayele lukhale ucingo bese luyakhatheka amangale

MamYoli:"Uluvalile."

Sbo:"Asambe siyomubheka mama."

MamYoli:"Angazi kwakhe kuhlala kuza yena la."

Sbo:"Ohhhh yaa asilinde kancane sizomushayela futhi ntamabama."

MamYoli:"Mhlawumbe uvakashelwe umndeni wakhe noma usebenza ebusuku phela uyalala uNokuthula."

Sbo:”Kungabangcono yazi mama.”

MamYoli:”Abazali baMihla bathi bayathutha.”

Sbo:”Ngobani banendlu engaka?”

Amuxoxele kuthi bakhumbule indodakazi yakhe noMihla uziganisile.

MamYoli:”Kudala ngisho ukuthi akekho kahle lomngani wakho.”

Sbo:”Isono ngabazali bakhe kodwa mama.”

MamYoli:”Kakhulu nami ngiswabile angazanga nje ukuthi ngibaduduze ngithini.”

Sbo:”Ngiyathemba uzoshesha ukuphaphama kulento ayenzayo angaze alahlekelwe impilo yakhe njengoNhloso.”

MamYoli:”Mina ngiyajabula impilo uyayibona ukuthi ayihleki umhlaba awuncengi muntu, mawuwugadlaza nawo uzokugadlaza nezingane zakho uzifundise lokhu okubonayo.”

Sbo:”Mama izingane ezibuyaphi manje?”

MamYoli:”Wena uzokhulelwa ulokhu ulala khabo lomfana.”

Sbo:”Asenzi lutho naye.”

MamYoli:”Umfana lo ucabanga ukuthi uyokuyeka nawe awumuniki ithuba lokuphefumula uhlala ufuna kuba duze naye.”

Sbo:”Mama.”

MamYoli:”Yebo nguwe ohlala umubiza ngicela ungilande mxm.”

Asho alungisele iphimbo lakhe abe nezinhloni uSbongile.

MamYoli:”Pheka ungakahambi nje ngoba ngiyakwazi ngisayophumula lento kaDumsane ingiphathisa ikhanda.”

Sbo:”Ngizokulethela amaphilisi.”

MamYoli:”Ohk nana.”

Ahambe ayolala ashiye indodakazi yakhe ikhipha amabhodo izopheka….

***ISIQEPHU 46***

***KWANSIZWA***

UNsizwa ekuseni uphaphame wamangala ukuthi balele egunjini lakhe nomkakhe benoMihla. Amubheke ulele uMihla ubeke lesandla esinendandatho phezu kwesisu ayibuke azizwe aphathwa isiyezi ahlezi. Ngathi iyakhanyisa ngombala obomvu ayibhekisise angasakuboni ukukhanya anikine ikhanda azihlikihle amehlo. Avuke ayochama ageze izandla aphume. Abheke  indlu yonke.ayikho inkosikazi yakhe aye nasegunjini lezivakashi acabange ukuthi mhlawumbe bamukhiphile ngoba sekanenkinga yokukhohlwa. Okunye uyamangala nje ukuthi ukwenzile angayitholi inkosikazi yakhe.

Igumbi lezivakashi umbhede ubheke phezulu kunuka kabi aqhamuke uMihla amugaxe ngemuva.

Mihla:”Morning.”

Nsizwa:”Uphi uDanisile?”

Mihla:”Ungangitsheli ukuthi ukhohliwe futhi.”

Nsizwa:”Iphi inkosikazi yami?”

Mihla:”Ingishayile angithi kulo legumbi angikhahlela esiswini wena wamushaya wamuxosha.”

Amangale uNsizwa umkakhe abehlala emubamba namantombazane kodwa akakaze ashaye ngisho eyodwa manje uzashaya ekhulelwe ngoba kwenzenjani.

Nsizwa:”Ngeke uDanisile akushaye ngiyamazi unjani?”

Mihla:”Ohhhh ufuna ukuthi nginamanga Nsizwa?”

Nsizwa:”Cha ngiyamangala sekashintshe kakhulu, abekushayelani?”

Mihla:”Ngimubambe abeka leplastiki elimnyama  elinomuthi phansi kombhede ngamubuza ukuthi wenzani wavuka inja ebomvu"

Nsizwa:”Hayibo.”

Mihla:”Ngiqinsile uzodla ini?”

Nsizwa:”Noma yini ngilambile vele ngisayogeza.”

Ahambe ayogeza uMihla ahambe ayokwenza ukudla ekhishini uyazizwa nje ukuthi kukakhe la indlu enkulu. UNsizwa makaqeda ukugeza azigcobise athathe ucingo

lwakhe ashayele umkakhe angababmbi. Amushayele kaningi nje aze amushiyele umlayezo.

Nsizwa:"Danisile kuningi okwenzayo okubhedayo manje, ngivuka ekuseni awukho ngithola ukuthi ubuzama ukuthakathaka uMihla umuntu ongakwazi ukuzilwela. Usungumthakathi manje wena noma kudala uthakatha uzifihla. Ubuye uzothatha konke okwakho mina ngeke ngihlale nomthakathi ungacabangi futhi ukuthi kukhona ozokuthola kimi. Hamba uyohlala nabazali bakho abathakathayo nxxxx. Uyathanda awuthandi uMihla ngiyamuthanda futhi sizoba nengane lento eyakuhlula ukuyenza yonke leminyaka. Ungumthakathi ngiyabonga ngingazange ngibe nengane nawe."

Aluvale uMihla uzwe konke ajabule ziyasebenza izinto zakhe angene egunjini

Mihla:"Ukudla sekukahle sthandwa sami."

Nsizwa:"Ngiyeza."

Mihla:"Mina ngisagezake."

Makaqeda ukugqoka aye ekhishini makalokhu ahlezi uzizwa athukuthela uDanisile uyenza kanjani into enjena kodwa. Kukhale ucingo lwakhe alubambe umawakhe

MaKhumalo:"Ngivulele ngisesangweni."

Avule angene umawakhe kanye nomamncane uKhethiwe.

Nsizwa:"Sanibonani ma."

Angamuphenduli umawakhe

Khethiwe:"Ndodana."

MaKhumalo:"Iphi lentombi yakho?"

Nsizwa:"Uyageza."

MaKhumalo:"Usuzenzele Nsizwa kwanele khipha lentombazane emzini kaDanisile."

Nsizwa:"Ngoba kusho bani?"

Aqhamuke uMihla abingele angaphendulwa

MaKhumalo:"Wena uyenzeni indodana yami?"

Acashe ngoNsizwa

Nsizwa:"Yini inkinga yakho kanti mama?"

MaKhumalo:"La isemzini waDanisile wena izovela Iento oyenza indodana yami uyangizwa?"

Mihla:"Nsizwa."

MaKhumalo:”Ngithi hlukana nendodana yami uhambe uphume uphele la ngoba mzukwana aphaphama kulobuthongo omulalise kubo kuphelile ngawe.”

Nsizwa:”Ngicela uhambe mama"

MaKhumalo:”Uxosha mina, awungitshele ugcine nini kuyobona ubaba wakho awuboni ukuthi ukuhlukanisa nawo wonke umuntu omthandayo lomthakathi?”

Nsizwa:”Hhayi kwanele mama usuka le uzothuka umama wengane yami.”

MaKhumalo:”Nsizwa ukhamisile la ucabanga ukuthi konke kuzohlala kunje ubaba wakho uyafa sekahle ufuna ingane yakhe eyamdukela ngiyazi uzoshintsha ifa lakhe. Wena uzodla lomthakathi ngoba uyahluleka ukuba yindodana eqotho kuye.”

Nsizwa:”Anginandaba mina nginemali yami.”

Athuke uMihla makezwa lawo magama okuthi banenye ingane acabange okumele akwenze. UNsizwa ngapha uxosha umawakhe sekaze uyamuphusha.

Khethiwe:”Akasiyedwa sisi asambe akukho akuzwayo uzoziphathisa nenhliziyo nje.”

MaKhumalo:”Wena Mihla kuyokufica nawe uzolikhumbula lelanga.”

Mabaphenduka bazithele kubazali bakaMihla isango livulekile ngoba bapake imoto bangayingenisa yonke isango azange livalele. Bamuzwile nje lamagama awakhuluma kwindodakazi yabo. Bashawe amahloni abazali bakhe umaMzobe aze ehle izinyembezi amubheke umaKhumalo.

MaKhumalo:”Usheshile ukukhala ntombi ungakangcwabi lengane yakho ngoba imatasa izigubela ithuna. Iphendule indodana yami umkhovu wayo mina ngeke ngihlale ngithule.”

Aphume aqhasha uMihla makabona akhuluma nabazali bakhe

Mihla:”Mama ungithukile kwanele ngicela uhlukane nabazali bami.”

MaKhumalo:”Unesibindi ukhuluma nami ungikhomba ngomuno.”

Mihla:”Sonke lesikhathi ubungithuka azange ngikuphendule kodwa manje udlalela ezitsheni ezifayo. Uthi ngithakathe ingane yakho gadake nawe ungathakatheki nalomyeni wakho.”

Mzobe:”MIHLAYENKOSI!”

Anikine ikhanda umaKhumalo ayongena emotweni benosesi wakhe aphume, uNsizwa aphume naye endlini.

Nsizw:”Sanibonani ma nawe baba ningangena.”

UmaMzobe makathi uyalandela anqabe uMzobe

Mzobe:”Asikho isidingo Mihla sizokulanda.”

Mihla:”Ngiyaphi baba?”

Mzobe:”Awushadanga Mihla nawe uyakwazi lokho uhleleleni nalomfana?”

Mihla:”Uyise wengane yami lo sithathe isinqumo sokuthi sihlale ndawonye ingane ize ivele.”

MaMzobe:”Iphi inkosikazi yakhe wena masohlezi la?”

Mihla:”Angazi.”

MaMzobe:”Asikukhulisanga kanje Mihla.”

Mzobe:”Thina siyathutha sibuyela emakhaya kusasa nje makusa siyahamba, kukuweke ukuthi uhamba nabazali bakho noma wenzanjani. Sihamba ngehora lesikhombisa sizokulinda kuze kushaye u8.”

Mihla:”Ngeke ngihambe mina kuyohlala emakhaya.”

Mzobe:”Mihlayenkosi singabazali bakho uyabona wena nalomfana injabulo yenu niyakhele phezu kwezinyembezi akukho okuzonilungela.”

Mihla:”Baba nizele ukungiqalekisa la noma ukuzovalelisa?”

MaMzobe:Mihla.”

Mzobe:”Muyeke  nkosikazi njengoba ashilo umama walomfana uzolukhumbula losuku uzobe ungasakhoni kuhlehlisa konke okwenzile.”

Mihla:”Mama ngicela uthathe umyeni wakho niphume kwami ngoba intandokazi yenu seyifile nizokwenza ngathi niyangithanda kanti aningithandi?”

MaMzobe:”Ngane yami kwakhala nyonini ngawe.”

Mzobe:”Asambe nkosikazi la siyoyicela ivuthiwe iNkosi impela.”

Baphume isango selivalekile ayolanda ilimothi endlini abuye umawakhe awe phansi amubheke uMzobe.

Mzobe:”Nkosikazi ungayenzi lento kwenzenjani manje?”

Amukhumule amakinobhho amabili kulephinifa lakhe uNsizwa amuzele namanzi amufafaze ngawo acwayize umaMzobe aphaphame. Amuhage uMzobe uMihla umile nje ubabukile

Mihla:”Sekaphapheme ngicela nihambe.”

Asukume uMzobe abambe umkakhe ngesandla.

Nsizwa:”Letha ukhiyo wemoto ngibaphelezele liyashisa lelanga.”

Mihla:”Bazofika ngendlela abafike ngayo la.”

UMzobe ayibambe ngesandla inkosikazi yakhe baphume bahamba kancane. Noma kungathiwani izinhliziyo zibuhlungu uthumbu wabo phela lo. Kwenzakaleni ngaye ngoba zolo nje abedlala obhuqwini njengezinye izingane manje useshintshile. Baqonde ematekisini baze bafike…….

***ISIQEPHU 47***

***LWAZI NOCEBILE***

ULwazi ume ngaphandle egcekeni isekuseni balale kahle azange bakhulume nomamPhindi lona ngoba besekuhwalele mabafika. Igceke elikhulu impela indlela eyakheke ngayo lendlu iyabonakalisa ukuthi eyabazali bakhe. Omakhelwane abasondelananga kunesikhala nje phakathi kwezindlu kodwa uyakubona okwenzakalayo kamakhelwane. Umakhelwane osesandleni sokudla unomuzi omkhulu impela ukundlula zonke izindlu kulomgwaqo. Yinhle lendlu ngaphandle kunezimoto angakhoni ukuzibala. Aqhamuke emva kwakhe umamPhindi athuke sekaduzane naye.

MamPhindi:"Hawu ndodana wavuka ekuseni kangaka ingabe awulalanga kahle?"

Lwazi:"Cha ngilale kahle angisuye umuntu ovuka emini vele."

MamPhindi:"Ungubaba wakho azihlezele nje ngisho nangezenzo."

Lwazi:"Ubaba umazi kanjani?"

MamPhindi:"Ahm ube sasi ahm sikhule sonke nje ngaze ngagana umngani wakhe."

Lwazi:"Ohhhhhh manje kuze kanjani uhlale la?"

MamPhindi:"Emva kokushona komyeni wami umndeni wakhe wangiphuca konke wase uyangixosha. Bangithatha ngihamba ngihlala nje benomawakho."

Lwazi:"Ohhh nomama uyamazi?"

MamPhindi:"Kakhulu unenhliziyo enhle ngokumangaza."

Lwazi:"Ingabe zikhona izitolo ezinkulu la idolobha?"

MamPhindi:"Likhona idolobha kodwa lincane abanezimoto baqonda edolobheni elikhulu."

Lwazi:"Kuthuleke kamnandi la ngiyayithanda lendawo."

Kuphume imoto kulomuzi bekawubukile awuncoma ihambe kancane ifike ime esangweni makuvuleka ifastela.

MamPhindi:"Asingene endlini ndodana."

Lwazi:"Abafuni wena mhlawumbe nayi ima imoto?"

MamPhindi:"Asingene endlini manje."

Alandele uLwazi yize amangele bangene endlini avale umnyango ngokushesha umamPhindi agijimele ekhabetheni akhiphe ikhandlela elimhlophe alikhanyise. ULwazi

abuke efasteleni imoto seyisukile ihamba kancane ngathi ayifuni kugcwala izintuli imnyama bhuqe.

Lwazi:”Kwenzakalani mama?”

MamPhindi:”Ngisakhuleka.”

Akhanyise ikhandlela lakhe alibuke lisavutha bese uyakhuleka elokhu ezulazula aze aqede.

MamPhindi:”Kuzomele ngihambe ndodana imoto isizofika ezongilanda”

Lwazi:”Izokulanda bese uya kuphi?”

MamPhindi:”Ngizoyithola indawo enye.”

Lwazi:”Ubaba uthe ungahlala uma ufuna.”

MamPhindi:”Angifuni kuniphazamisa nisebancane ngeke nikhone kugadana nami indawo ngizoyithola.”

Lwazi:”Mama inkulu lendlu izosanela sonke angizanga ukuzobhidliza izinhlelo zakho nabazali bami.”

MamPhindi:”Ngiyabona ndodana.”

Lwazi:”Ngisayobabheka kuseyikho nje abantu balala kangaka bangaphaphami.”

MamPhindi:”Ngizosala nginenzela isidlo sasekuseni.”

Lwazi:”Siyabonga ma.”

Aqhubeke aye egunjini bebalele kulo basalele angene amoyizele uCebi uthe abalale noNozi ngoba basafika abakajwayeli. Aguqe ngale ngakuCebi aphakamise isikibha sakhe amuqabule isusu asiphulule. Aphaphame uCebile amubheke angaboni uLwazi achazwe indlela asibheke ngakhona isisu. Agcine sekahleka kakhulu akhiphisele amubheke uLwazi.

Lwazi:”MamKhoza.”

Cebi:”Ubukele umabonakude na?”

Lwazi:”Awazi into engijabule yona nkosazana ngizoba ubaba.”

Cebi:”Awuthukanga?”

Lwazi:”Lutho ngithuswe yini? Ngizoba ubaba nowesifazane olunge kanje uzoba umama uqotho.”

Cebi:”Sizokhona kodwa ngaphandle komndeni wethu?”

Lwazi:”Sizobuyela emuva ngeke sihlale la unomphela.”

Cebi:”Uma ungeke nje ungijikele.”

Lwazi:”Ngeke sthandwa sami ngeke, vuka uzodla uphuze amaphilisi.”

Cebi:”Wena uvuke nini?”

Lwazi:”Ngehora lesihlanu.”

Cebi:”Konje akulalwa la kuwe.”

Lwazi:”Indoda ayilali kumele ngibheke ukuthi ngizowondla njani umndeni wami.”

Cebi:”Phumula kuqala phela mina nawe sibuya emnyango wasezulwini.”

Ahleke uCebile azithulele uLwazi ajule.

Cebi:”Ngiyadlala mina sthandwa sami.”

Lwazi:”Ngiyazi nkosazana ngiyazi.”

Cebi:”Pho yini?”

Lwazi:”Ngiba namahloni mangicabanga ubugwala engibenzile azange ngacabanga ngisho uNozibusiso lo.”

Cebi:”Sisuke sagcwala ukusaba mina angifuni ukuqamba amanga ngivele ngazicabanga ngaphandle kwakho akukho okunye bekudlala ekhanda lami ngabona ukuthi angithathe impilo yami ngangena ebhavini ngazisika.”

Akhiphe wonke amehlo uLwazi.

Lwazi:”Indlela engayizama nami leyo.”

Cebi:”Kuzifaka emanzini?”

Lwazi:”Yebo buka.”

Amukhombise la azisika khona babukane bese bayahagana kakhulu baqabulane

Lwazi:”Manje sizolala noNozi njalo?”

Cebi:”Kungani ubuza?”

Lwazi:”Kubi sthandwa sami hayibo.”

Ahleke uCebi

Lwazi:”Ngizokulethela amanzi okugeza.”

Cebi:”Ngiyabonga.”

Aphume uLwazi asale abheka uNozibusiso ulele ubuthongo kuyacaca ukuthi ukhathele naye ngabe usalele kodwaa uvuswe ukuphululwa kwesisu. Acabange nomawakhe

azikhuze kodwa uyazi la akhona ukhathazekile. Angene uLwazi namanzi amugeze azame nokumumisa ngezinyawo kodwa kube nzima amuyeke.

Lwazi:"Kunjani ukuzizwa?"

Cebi:"Akufani nayizolo kuyabonakala ukuthi ngizogcina ngikahle buka ngiyakhona ukudlalisa obhonzo kanti bengingakhoni."

Lwazi:"Uyangichaza ngoba awukhali kodwa uma ufuna ukutetema uze kulamahlombe amakhulu uzokhalela kuwo."

Cebi:"Ngeke ngikhohlwe."

Lwazi:"Phela ubhuti uxoshe uSiza."

Cebi:"Hawu akabukeki anjalo ubhuti ukuxoshana."

Lwazi:"USiza akezwa sekafuna kuzwiwe ngaye."

Cebi:"Ingabe uzoba umama onjani bakithi?"

Lwazi:"Hlukanisa imilenze ngigeze indawo."

Ahleke uCebile

Cebi:"Hhayi hawu ngizozigeza."

Lwazi:"Ngathi ngiyabona sekaphaphama uNozi angibone ngizothi ngenzani vele?"

Bahleke kuze kuphaphame uNozi basakhuluma ngaye kuxoxwe aqede uCebi ukugeza amugcobise.

Nozi:"Baba awufuneki la kugeza khona intombazane wena ungumfana."

Lwazi:"Ngiyintombazane nami hawu."

Nozi:"Haaa unamanga baba unamaqhinga ugogo uthi abafana banamaqhinga uma bafuna ukubona amapunani wamantombazane. Manje nawe sonamaqhinga."

Bahleke uNozi angayiboni nento ebahlekisayo

Lwazi:"Ithi ngihambe."

Cebi:"Sengiqedile ngisondezele isikhwama sibone ungithengeleni umngani wakho."

Basivule akhiphe ilokwe elilodwa aligqoke bayalihleka nokuthi likhudlwana.

Cebi:"Ngeke phela kungani angabuzanga ukuthi ngingakanani?"

Lwazi:"Umuhle noma ngabe ugqokeni, umamPhindi unilindile ngale uze uphekile."

Cebi:"Ucabangani ngaye?"

Lwazi:"Uzoba umama kithi anginayo inkinga ngaye unless wena uma ungamudingi ngizomutshela ahambe."

Cebi:"Ungamuxoshi ukahle kodwa ubukeka anesithunzi esithusayo."

Lwazi:"Nami mangiduze naye ngiba ngenye indlela engachazeki."

Cebi:"Sengiqedile Nozi uzogeza  masiqeda ukudla uyezwa."

Nozi:"Mina ngigeza ngo10 ugogo uthi imbombozi iyanuka makushaya u11 ungakayigezi."

Bahleke futhi

Lwazi:"Kanti nihlala nikhuluma ngezinto ezinje nogogo?"

Nozi:"Akakashayi u10?"

Cebi:"Akakashayi ngizokwazisa makungu 10 uyezwa."

Baphume uLwazi ayochitha amanzi aCebile bamangale mabafika ngale ekhishini sekabekile umamPhindi etafuleni.

Cebi:"Sawubona ma."

MamPhindi:"Yebo ngane yami nilale njani?"

Cebi:"Ngilale njengengane namanje ngiyamangala sekushaye no8 umuntu angavuki."

MamPhindi:"Benikhathele mntanami ningahlala phansi nidle."

Cebi:"Hayibo ma wathi nidle wena?"

MamPhindi:"Ngizobuye ngidle mina angilambanga manje."

Cebi:"Kulungile ma siyabonga."

Bahlale phansi abashiye lapho umamPhindi aphume uCebi abuke lekhandlela eliphelayo namanje lisakhanyisile kodwa selincane.

Cebi:"Manje lana?"

Lwazi:"UmamPhindi ngathi ukhuleka ngalo bese akasalicimi angazi ngobani."

Cebi:"Lwazi ngicela uthole indlela yokubuyiselana nomndeni ngoba la ngizwa ngisaba."

Lwazi:"Uma unami akukho okuzokuvelela."

Livuthe ikhandlela lize liphele uCebi aqoqe izitsha uNozi sekayayaluka nje ubheka angadlala ngako. Angene futhi umaMphindi  asondele abuye abheke emnyango noNozi.

MaPhindi:"Ngizozigeza sesi lezi zitsha hlala phansi."

Cebi:"Mama ungazenzi isisebenzi  ngizozigeza."

MamPhindi:"Ngiyisona mntanami nakhu ngiyangihlalisa."

Lwazi:"Ungasakhulumi ngalento  ma."

MamPhindi:"Kulungile bantabami, ngicela ningavumeli ingane yenu iyodlala ngaphandle iyodwa."

UmamPhindi abambe uCebi athuke amangale uCebi izandla ezibanda ngalohlobo.

Cebi:"Lokho nje nami angikuthandi uzoya ngaphandle uma ngingaphandle nami."

MamPhindi:"Yilokho nje mntanami, ngiyabona nithenge ukudla okuningi Lwazi ngicela siyokhipha ikasi lokubandisa kulendlu engemuva."

Cebi:"Lendawo inkulu kukhona nenye indlu?"

MamPhindi :"Yebo iyonandlu beyihlala abazali benu base bakha le, asambe nawe uzobona amabhavu okuwasha ahlala khona nezinto zokusebenza la ngaphandle."

Basukume bonke uCebi abambe uNozi ngesandla bayongena kwenye indlu uLwazi uyamuphusha.

Cebi:"Umnandi lomoya ongapha kunendawo yokudlala sizosala thina uNozi ake agijime."

MamPhindi:"Kulungile."

Bayiphakamise ifridge amangale uLwazi kuthi uyiphakamisa lula nje umamPhindi. Bahambe  bayobeka bodwa kunezinye izindlu amehlo akhe ahlale kulendlu enkulu ibonakala kakhulu uma uhlezi la yena ahlezi khona. Asahlezi nje abone intombazane isuka khona iphuma uyibhekile ihambe ize ifike kepha ivinjwe iwayela imele ngale kwegceke. Ayibuke uyayazi lentombazane kodwa akakhumbuli ukuthi uyazela kuphi, iyakhala futhi.

"Ngisize."

Cebi:"Ngani?"

"Kunocingo lwami engicela uyolinika ugogo wami kumele aluthole."

Kuqhamuke umamPhindi naye ayibheke lentombazane

MamPhindi:"Ufunani wena la?"

"Ngiyakucela ma."

MaMphindi:"Ngizokushaya uke ubuye la yithina esakuthuma."

"Ngiyakucela Cebi ithemba lami selikuwe."

MamPhindi:"Wena awuziyeli ngani kugogo wakho ngoba ungakhona?"

Ikhale intombazane uCebi usazibuza ukuthi ingubani uyijwayele emehlweni kodwa ukhohliwe naku yona imubiza ngegama.

Cebi:”Ungubani wena?”

MamPhindi:”Akubalulekanga lokho awuzelanga ukuzokhulula abantu abahlanyayo nawe uzele izinto zakho ungamunaki lo.”

“Ngiyakucela Cebi.”

Alule isandla umamPhindi asibhekise kulentombazane angasho lutho isuke yona ngejubane ibaleke. Asale amangele abheke umamaPhindi.

Cebi:”Yenzeni lentombazane ungayifuni ngalohlobo?”

MamPhindi:”Mntanami impilo kulesizwe ayifani nala enibuya khona, la umuntu umazibona umuntu umazivikela ikakhulukazi uma usesimeni esinje ngesakho. Abalunganga abantu ngezindlela eziningi.”

Cebi:”Iyakhala lentombazane ngokudabukisa futhi.”

MamPhindi:”Ungazikhathazi ngayo uzoluthola usizo aludingayo kodwa ngeke aluthole kuwe.”

Avume uCebi kepha usadabukile umamPhindi uyenza kanjani into enje axoshe umuntu acela usizo ngalohlobo. Basahlezi nje kuqhamuke owesilisa naye ubuya ngakuyo lendlu uqonde kubo. Asukume umamPhindi adonse uNosi ozidlalelayo ngesandla aphushe uCebi agijime ngathi uyabaleka bayosithela ngale. Bafice uLwazi abuka indawo nje ngasekuseni.

MamPhinfi:”Buya endlini ndodana. “

Lwazi:”Ma.”

MamPhindi:”Manje ngokushesha.”

Abalandele abheke ngala baqhamuka ngakhona afike avale umnyango ayokhipha ikhandlela futhi alikhanyise akhuleke umamPhindi. Bamangale bonke ngisho nengane akhuleke aze akhale izinyembezi makaqeda angalicishi nalo aliyeke. Babukane baphinde bamubheke makaphakama ababheke nabo.

MamPhindi:”Angihlanyi hlalani phansi ngizonitshala okwenzekayo ngalowa muzi.”

Bahlale phansi aphume.

MamPhindi:”Ngiyabuya manje.”

Abashiye ayongena egunjini lakhe basale babukana uCebi amuxoxele okwenzekile noLwazi amuxoxele ngalokhu okwenzeke ekuseni…..

***ISIQEPHU 48***

***MSIZI***

Makaqeda enkantolo angakholwa ukuthi sekakhululekile manje akashadanga, aqonde emotweni kamfowabo omncane. Ezwe amaqhumela emulandela ngemuva acabange nje ukuthi ubani angafuni nokubheka emuva.

Rose:"Msizi."

Eme emotweni amubheke uRose kusukela ezinyaweni akhuphuke naye.

Rose:"Lento ubuyigadile vele?"

Msizi:"Yiphi into?"

Rose:"Kuthi sihlukane."

Msizi:"Rose ubani obengahlalela lento ebengiyihlele mina? Manje usukhululekile ungenza noma ngabe yini ngendlela ofuna ngayo."

Rose:"Kukhona othandana naye?"

Angene emotweni uMsizi

Msizi:"Suka endleleni kuhwalele manje."

Rose:"Kukhona obuvele uthandana naye yingakho songisusa endleleni."

Msizi:"Ube nempilo enhle Rose ngikushiyele yonke into njengokufuna kwakhe ngisele mina ngiyinja njengoba wawusho ngifana nenja enganamazinyo ngiyisichaka. Manje ungakhumulela noma ngabe ubani."

Rose:"Nguwena owangiholela lapho nje."

Msizi:"Ngeke ngiphikisane nawe ngento engasabalulekanga empilweni yami."

Rose:"Msizi ubungavukelwa mangikuthinta."

Msizi:"Umfazi oqotho uma kuba nesimo esinjalo uyazihlupha ngomyeni wakhe, ubungazi okokuqala mhlawumbe bekuyisimo esidinga odokotela wena cha wabona ukuthi uqhubeke nokulala nawo wonke lomuntu. Uyangibona azange ngiye kadokotela kepha sengiyakhona ukuhala nami ngivukelwe inkinga ibi nawe ubungathembekanga besengisaba izifo."

Rose:"Msizi."

Msizi:"Usale kahle mamfundisi."

Ayihlehlise ngoba akafuni ukusuka endleleni ayibuke ize iphume ngesango imoto ahambe uMsizi amoyizela yedwa. Sekuhwalele manje akhiphe ucingo lwakhe achofoze abeke endlebeni.

Msizi:"Ubhuti wakho udinga imali noma izinkomo eziphilayo ngawe?"

MamYoli:"Ungitshela lento engiyicabangayo?"

Msizi:"Angisazi isithandwa sami sicabangani kodwa uma kuyilokhu engikutshela kona ngiyavuma."

MamYoli:"Msizi uhamba kuphi?"

Msizi:"Ngiqeda kusuka sthandwa sami."

MamYoli:"Ngicela uqale la kimi ngizoqabula isoka lami elingashadile okokuqala."

Msizi:"Uyayazi inyama yami ingavuka ngizoba senkingeni."

MamYoli:"Uzoshesha angithi ukhulume nabazali, neyami iyalwa inyama."

Msizi:"Kulungile liyeza isoka lakho elingashadanga futhi lakho wedwa."

MamYoli:"Ngikulindile."

Msizi:"Ngiyakuthanda Yoliswa futhi ngiyabonga."

MamYoli:"Kubonga mina soka lami."

Aluvale aqhubeke nohambo lwakhe.

Msizi:"Ngiyabonga Nkosi wangikhipha esihogweni ngicela uhambe nami kulendlela engiyithathayo manje. Phephisa uLwazi nomndeni wakhe la akhona basingathe ngobukhona bakho. Isandla sakho asihlale sembathise bona imvikelo nothando lwakho, Amen."

Afake umculo wakhe ashayele uhamba ucabanga umamYoliswa ngendlela avele amuthanda ngayo nendodakazi yakhe yamunika inombolo yakhe. Makangena ezweni lakubo sekuyogamanxa ihora leshumi. Ngeke asaya kude kanje ngenxa yokuhlukanisa manje uqedile. Aqale angene kwagogo wamunika isikhiyo sesango kuthi eze noma yinini. Aqonde kwisakhiwo sesonto lakhe ayoma phezu kwesibingelelo afike aguqe khona aqale akhale.

Msizi:"Nayi indlu yakho baba la abantwana bakho bayothola ukukhululeka emoyeni, ngiyathembisa Somandla ukuthi ngizoluhamba lolu hambo uma nje wena ungangifulatheli. Ngiphe lobambo lwami ngizosebenza nzima kuthi kusuke izinyembezi kuye. Manje ngizokusebenzela ngenhliziyo emhlophe akukho engibheke ukukuthola. Ngiphe isibindi sikamoya amandla akamoya kanye nothando lokuqala ngomsebenzi wakho. Ngiyabonga ngeminikelo abantu abayikhiphayo ngingayicelanga kuthi indlu yakho yakhiwe iphele. Amen."

Asukume makaqeda aphume ugogo ulele sekucishiwe makaqeda ukukhiya isango aphenduka nje kume intombazane igoqe izandla iyakhala. Ezwe ngokubanda ukuthi akusiye umuntu lo lumshaye uvalo abheke imoto ukude nayo.

Msizi:”Moya oyingcwele yenza umsebenzi wakho.”

“Ngicela ulande ucingo lwami uzonika ugogo.”

Msizi:”Ungubani wena?”

Makathi uyaphendula abukeke njengomuntu othukile akhale kakhulu anyamalale athalaze uMsizi angaboni lutho ngokushesha nje abuyele emotweni.

Msizi:”Ngithe ngisebenzise Somandla uma kunjalo ngivezele kuthi lomphefumulo ngiwusize kanjani.”

Ayisuse imoto ucingo lwakhe abelushiye emotweni alubheke umushayele futhi uYoliswa kathathu amoyizele afike amise imoto angene. Umnyango uvuleke angakakokodi asamoyizela amudonse umamYoli angene acishe nokuwa aziphose kuye. Umnyango sekawuvala ngesandla esisodwa ngoba esinye sesibambe uYoliswa. Babambane lapho agcine sekamuqabula uMsizi aphinde amuyeke.

MamYoli:”Ngiyaxolisa sthandwa sami buka imizwa ilwa kanjani.”

Msizi:”Kunzima kodwa ngiyajabula ngihalela isithandwa sami, buyala.”

Baqabulane futhi umamYoli amuholele emubhedeni athuke uMsizi

MamYoli:”Ngeke silale ngizokuchamisa.”

Msizi:”Lokho kuzofana nokuthi sesilalile ngoba ngizozwa lobumnandi.”

Aswabe umamYoli

MamYoli:”Usho ukuthi ngoba nami ngifisa ukuchama mawungangichamisa ngizobe ngiyona?”

Msizi:”Yebo sthandwa sami.”

Babukane bahleke bobabili nemizwa ibonakala emehlweni.

Msizi:”Ngiyakuthanda angifuni simoshe ukuxhumana kwethu noNkulunkulu.”

Avale ubuso ngezandla umamYoli

MamYoli:”Ngizizwa ngathi ngiyisifebe manje ngokukulinga.”

Ahleke uMsizi amususe izandla ebusweni amubheke

Msizi:”Yooooooo umuhle Yoliswa akulindeki ngiyazifisa nje phakathi kwalemilenze, kepha kumele silinde thina siyizinceku. Ungalokhu ungibheka kanjalo hlala ngentombi.”

Bahleke futhi

Msizi:”Hayibo yazi ngiqale kagogo ngayokhuleka esontweni mangiphuma ngazithela kumoya ozulayo. Ngiyaqala ukubona umuntu ongasekho iyakhala lentombazane ithi ngilande ucingo lwayo nginikeze ugogo wakhe.”

MamYoli:”Ugogo wayo?”

Msizi:”Yebo ngimubuze ukuthi ingubani kwabangathi kukhona into emuthusayo wakhala kakhulu nje wase uyanyamalala. Manje ngicabanga lomzukulu wagogo ngoba unentsumpa esihlathi njengogogo.”

MamYoli:”Inamehlo amakhulu nekhala elimile?”

Msizi:”Yebo.”

MamYoli:”Nguyena.”

Msizi:”Sthandwa sami asishade mina nawe ngathi sisazosebenza.”

MamYoli:”Awuthi ngitshele ubhuti.”

Amushayele balale ngezisu amufake kuspiga alubambe ngapha uyahleka aswace uMsizi uzwa lohleko olungale lephimbo elasesi wakhe noma kungathiwani. Abuye azikhuze usesi wakhe uzofunani kabhuti waYoliswa.

Dumi:”Ebusuku kangaka sisi.”

MamYoli:”Isthandwa sami sizolobola ngoMgqibelo.”

Amubheke uMsizi amoyizele

Dumi:”Ungangideleli sisi kanti akubhalwa incwadi na?”

MamYoli:”Ngiyazi awunandaba nalokho hayisuka bhuti sikhulile manje.”

Ahleke uDumsane

Dumi:”Ngizohamba ngiyocinga uAnti kanti.”

Bahleke bobabili uMsizi yena uchazwa ukubambana kwabo nothando luyazibonakalela.

MamYoli:”Ngiyaxolisake Ntuli angidlali kodwa sifuna ukushada bhuti.”

Dumi:”Kwamele vele akulobole? Mina angazi nokuthi ngithini mutshele angifakele ebhenki.”

Bahleke bonke noMsizi aze asukume

MamYoli:”Sizocela basibonise abantu wena baningi abantu abadala abakuthandayo.”

Dumi:”Ngizokwenza njalo dade ngiyajabula kukubona ujabule kanje emva kwezinyembezi zeminyaka.”

MamYoli:”Ngiyamthanda bayathandana futhi benoSbongile, kunephimbo engilizwile lapho mawubamba ucingo?”

Agegetheke uDumsane

Dumi:”Uyangiwisa maaaan yima.”

MamYoli:”Bhuti.”

Dumi:”Sisi ngizokushayela kusasa ngiyakuthanda.”

Aluvale babukane benoMsizi yena sekeme ngezinyawo.

MamYoli:”Angikaze ngizwe uDumsane ahleka kanje Msizi ngiyaqala lomuntu akahleki ugcina ngokumoyizela nje.”

Msizi:”Ngathi iNkosi inibhabhadisa ngomlilo wothando kwamele ajabule naye angithi uthi wayenivikela. Wayenganaso isikhathi sakhe waze wangena ebugebengwini?”

MamYoli:”Yebo.”

Asondele aguqe phambi kombhede

Msizi:”Buya simukhulekele.”

Aguqe naye umamYoli

Msizi:”Mkhululi Mdali wezulu nomhlaba sibeka indodana yakho uDumsane ezandleni zakho. Sibonga uthando omubusise ngalo emndenini wakho, sibonga nobumbano phakathi kwakhe nosesi wakhe. Siyakucela Baba ukuthi umukhanyisela kuhambo lwakhe, mukhiphe ezintweni zobumnyama. Sikhulekela uthando nenjabulo kuthi umubusise ngako naye azibone eyindoda emadodeni akhohlwe ngokuganga. Uma ubusise owesilisa ngothando lomndeni wakhe lokho kuyabonisa ukuthi noma sekathola inkosikazi uzokwazi ukuyithanda. Ngikhulekela impilo, impumelelo, uthando, umndeni kuthi wande kuDumsane Amen.”

MamYoli:”Amen.”

Msizi:”Uyakhala?”

MamYoli:”Ubuyaphi kodwa Khoza?”

Amuhage baphakame

Msizi:”Sthandwa sami uphekile? Ngilambile ngiyasaba yazi kufike ngiguduze amabhodo ebusuku ekhaya.”

MamYoli:”Kupheke uSbongile.”

Msizi:”Uphi vele?”

MamYoli:”Uye esokeni lakhe.”

Amubheke uMsizi

Msizi:"Wamuvumela nawe?"

MamYoli:"Sthandwa sami uSbongile ngimukhulise ngokumvalela la endlini ngoba ngisaba ukuthi uzodlwengulwa. Manje ukhulile uma yena alala nalomfana ekwakhe lokho kepha ngeke ngimuvimbe. Ngamufundisa iqiniso likaSomandla uyakwazi okuwrong nokuright kepha ngeke ngimuphilele impilo yakhe."

Msizi:"Yoooo mfazi indlela ocabanga ngayo iyathusa, uNkulunkulu makangasibusisa ngezingane zizoba nomama oqotho impela."

MamYoli:"Awungibuki ngendlela ehlukile ngoba ngiyeka uSbongile aye esokeni lakhe?"

Msizi:"Lutho ngiyathemba lomfana umthanda ngokweqiniso ngoba uma kungenjalo uzongithola kahle."

MamYoli:"Umfana ogangile uyamubona kepha iyangichaza indlela abheka ngayo uSbongile unesineke nje. Sizobona ekuhambeni kwesikhathi kodwa, uSbongile uthi abenzi lutho."

Ahleke uMsizi

Msizi:"Mangabe abenzi lutho ngiyamthanda nami lomfana ngathi kuhluleka mina awubheke ngimadabdeshi kanjani imizwa."

Bahleke futhi adle uMsizi bavalelisane aqonde emotweni ujabulile ngenye indlela kanye nomamYoli umushiya ujabulile naye….

***ISIQEPHU 49***

***KWAKHOZA***

UKhoza avuke kuqala ulokhu unethemba lokuthi izomushayela ucingo indodana yakhe okungenani ezwe ukuthi bakahle nomzukulu wakhe. Inkosikazi yakhe isalele uyizwela ubuhlungu ngoba iyabalisa kanti yena uyazi okwenzekayo. Ezwe sekukhala umsindo ekhishini aphume naye afice indodana yakhe.

Khoza:"Ndodana."

Msizi:"Sawubona baba ngiyaxolisa ngikuvusile makuwa lesitsha."

Khoza:"Besengiphapheme vele namuhla ngiphaphame ngo4."

Abheke ubaba wakhe uMsizi ayekele akwenzayo akagqokanga sikibha abuye azohlale celeni kwakhe.

Khoza:"Ufunani?"

Msizi:"Ngithe kukhona engikufunayo na baba?"

Khoza:"Ungaboni lezinwele ezimhlophe ucabange ukuthi namehlo awasaboni ngikwazi kahle. Kwakudala nje uma kukhona okufuna uzovuka usenzele ukudla namanje ubuthi uyapheka?"

Ahleke uMsizi bese ubheka phansi futhi amubuke uyise wakhe.

Khoza:"Kwenzenjani ndodana?"

Msizi:"Izolo isehlukaniso sami siqelwe, angisashadanga nje."

Khoza:"Manje usufuna kuthatha lentombi yakho?"

Msizi:"Intombi yiphi baba?"

Khoza:"Le ohlala umemeza nayo lapha emgwaqeni."

Msizi:"Kunjalo baba."

Athule uKhoza

Msizi:"Noma ubona ukuthi ngiyashesha?"

Khoza:"Iminyaka ayibuyeli emuva ndodana mina ngijabulela ukujabula kwakho nokuqhubekela phambili ngempilo."

Msizi:"Mkhathini ngiyabonga."

Khoza:"Ufuna ubaba akwenzeleni."

Adonse umoya kuqala uMsizi

Msizi:”Baba anginanto esandleni kepha inhliziyo iyalangazelela ngifisa ukulobola ngokushesha, akulindeki baba. Anginanto esandleni futhi angifuni kusebenzisa imali yaLwazi.”

Khoza:”Ndoda ufuna ngikulobolele umfazi?”

Ahleke uMsizi

Msizi:”Ngiyacela baba angazi mangabe kuyenziwa lokho ngiyathembisa ngizokhokha.”

Khoza:”Ndodana umfazi akalotsholwa ngemali yokubolekwa mina ngamane ngikunike njengendodana yami.”

Msizi:”Baba ngizongeza ngale esavumelana ngayo sinoLwazi ukuthi  umholo wami.”

Khoza:”Ufuna kulobola nini?”

Ashalazele uMsizi kepha uyamoyizela

Msizi:”Ngomgqibelo baba.”

Khoza:”Hayibo ubulinde ukuhlukanisa vele?”

Msizi:”Yebo baba.”

Khoza:”Ngizoshayela ubabomncane wakho kanye nomalume wenu.”

Msizi:”Ungabashayela mhlawumbe namuhla?”

Khoza:”Kulungile”

Msizi:”Kukhona engifuna kunibonisa kona ninomama ngiyathemba kuzonenza izinhliziyo zenu zixole kancane.”

Khoza:”Yini lokho?”

Msizi:”Sizohamba masiqeda ukudla manje.”

Achofoze inombolo yakhe uKhoza ashayele umfowabo amazise ngomsebenzi kaMsizi abuye ashayele nomalume wabo. UMsizi enze ukudla ngale ekhishini abalungisele netafula. Basondele sebagezile bazohlala phansi umawakhe akajabulanga akazi noma ubaba wakhe sekamazisile mhlawumbe akafuni alobole manje uLwazi aqeda kunyamalala.

MamKhoza:”Hawu ndodana kwaze kwanuka kamnandi ingabe ufunani kithi.”

Msizi:”Hawu mama.”

MaKhoza:”Uyakhumbula baba abethi makafuna imali yokukhokhela uhambo lwasesikoleni abesitenda ngalohlobo?”

Khoza:”Ngikhumbula kahle namanje kukhona akudingayo.”

MaKhoza:”Khuluma Khoza kwenzenjani?”

UMsizi abheke ubaba wakhe kuthi amukhulumele azibhekele ukudla kwakhe uKhoza adle.

Msizi:”Mama kunomuntu engithandana naye ngifuna kumulobola.”

MaKhoza:”Ungalobola ungakaqedi ngesahlukaniso sakho?”

Msizi:”Ngiqedile mama ngikhululekile manje.”

MaKhoza:”Usumufundile na ndodana ukuthi akusiye uRose omunye na?”

Msizi:”Mama okwaRose kwakubonakala kwaseqaleni ukuthi nami ngangijahwa ngenxa yesihlalo sobufundisa nangendlela engashada ngayo nje ibingekho kahle. Lona mama uyingelosi uyangijabulisa.”

MaKhoza:”Awufuni kulinda kancane mhlawumbe sithole ubhuti wakho kuqala?”

Khoza:”Injabulo kaMsizi ayikwazi ukuma ngenxa kaLwazi uyaguga lomuntu sekayohlanganisa u40.”

MaKhoza:”Ngingamubona kuqala ndodana?”

Msizi:”Uyangithusake ma.”

MaKhoza:”Ngiyazi usukhulile uyakwazi okufunayo kodwa ngicela ungiphe ithuba nami ngibe nombono kancane.”

Msizi:”Ngiyathemba ngeke umujaje mama, unengane eyintombazane eseyikhulile eqedile neNyuvesi.”

MaKhoza:”Uphi uyise wayo?”

Msizi:”Ukhona kodwa abathandani abakaze wamudlwengula.”

Bamubheke abazali bakhe naye ababheke uma becabanga ukuthi bazomunqabela ngenxa yento eyamuvelela ngeke abalalele.

MaKhoza:”Kwaze kwaba buhlungu lokho.”

Khoza:”Manje waboshwa yini lomuntu?”

Msizi:”Azange wamudlwengula makutholakala ukuthi ukhulelwe umndeni wakhe wamukisa isisu kakhe ngoba wayeseshadile inkosikazi yakhe yamuthumela ngabantu kuthi bamubulale. Babulala umalume wabo owayebakhulisa yena wakwazi ukubaleka emva kokubeka umalume wabo ubhuti wakhe wamuthatha bazothola indawo ngapha. Selokhu bafika nguye nobhuti wakhe kanye nendodakazi yakhe. Akakaze abe nomuntu wesilisa ngoba abesakhulisa ingane yakhe njengoba sekahlangana nami nje. Bazali ngiyamuthanda yazi wathatha inhliziyo yami ngiqala ngqa ukumbona esibhedlela.”

Amoyizele uKhoza

Msizi:”Ngicela ningamahluleli.”

Khoza:”Ndodana nguyena lo owawuguqe phambi kwakhe?”

Ahleke uMsizi

Msizi:”Nami angazi kwakwenzenjani kodwa kwangisiza lokuguqa ngoba ngathandwa ingane yakhe kuqala. Yena wanqaba kungipha inombolo yakhe indodakazi yakhe yangilandela yanginika.”

Bahleke

MaKhoza:”Azizwa izingane zanamuhla.”

MaKhoza:”Sengijahe ukumbona manje mhlawumbe ngizakhohlwa uLwazi kancane.”

Msizi:”Asambeni izitsha ngizozigeza masibuya ngizonibonisa.”

Bahambe bayogibela emotweni umaKhoza makabuka lezimoto zendodana yabo encane inhliziyo ibe buhlungu.

Khoza:”Uzwakala ayithathile inhliziyo yakho?”

Msizi:”Kakhulu futhi muhle lokho kungezile.”

MaKhoza:”Kudala ukhala mntanami jabula ukhululeke ngiyathemba ubhuti wakho uzovela ngomshado wakho.”

Khoza:”Hawu nkosikazi usukhale kakhulu manje.”

Msizi:”Baba nawe ucabanga ukuthi uLwazi uzihambele?”

Khoza:”Uzihambele nomakoti wakhe mina bengibona ukuthi ngeke ahlukane noAngel wakhe naye lentombazane bahlanyisana baqala ukubonana.”

Msizi:”Nami ngicabanga lokho labantu basishiye sodwa silokhu sichifana bona bahabula amawayini la abakhona. Ngeke ngimulinde uzobuya senginenkosikazi ngizobashadisa.”

MaKhoza:”Hawu baba uyakhumbula ngikutshela ukuthi kunentombazane eyangiphusha ngicela amanzi?”

Khoza:”Ngiyakhumbula.”

MaKhoza:”Sasila nawu lomuzi futhi ngayibona nasemngcwabeni wamakoti kaNkosi ngathi ungumndeni.”

Khoza:”Mangabe ungumndeni walapho kusho kona ukuthi bayahlanya kulomuzi bonke.”

Bahleke mabandlula ngakamamYoli bageza amafastela nendodakazi yakhe, angasho lutho uMsizi amoyizele andlule nje. Amise imoto kwagogo mabehlika nangu uSbongile uyeza aswabe makamubona anabantu ashalazele uMsizi amubone amugaxe.

Msizi:"Unjani sesi?"

Sbo:"Ngiyaphila sanibonani ma ngiyaxolisa mfundisi bengicabanga ukuthi uwedwa."

Babhekane abazali bakhe phela ingane le mangabe abekhuluma ngayo.

MaKhoza:"Msizi."

Msizi:"Indodakazi kaYoliswa ma lena."

MaKhoza:"Ohhhhhh nguye lo wamanombolo?"

Msizi:"Nguye nana laba abazali bami."

Abaxhawule

Khoza:"Bahlala khona la?"

Msizi:"Cha bahlala kulomgwaqo yena ubone imoto indlula nje."

Khoza:"Nana igama lakho?"

Sbo:"Cha igama lami uSbongile."

Khoza:"Tshela umawakho umkhulu nogogo bayamubiza eze emini endlini kwaKhoza."

Msizi:"Hhayi baba akwenziwa njalo."

Khoza:"Sengenzile mina shesha nana."

Avalelise ahambe uKhoza amubheke

Khoza:"Lomntwana ungifanela nalehlanya laDanisile."

UMsizi kube khani anakisisa ubaba kaSbongile uKhumalo ubabezala kaDanisile lokho kusho ukuthi ungubhuti waSbongile. Anikine ikhanda angasho lutho bangene aqale aye nabo esontweni.

Msizi:"Lena indlu yesonto engiyakhayo baba."

Khoza:"Ndodana uqeda kuthi awunamali uyakha ngani?"

Msizi:"ULwazi uthe ngingasebenzisa abasebenzi bakhe kanye nokokwakha, sebayaziqeda lezindlu ezazibhidliziwe manje ngithatha abambalwa ngibalethe la kathathu ngeviki."

MaKhoza:"Igceke lomuntu nje leli nayi nendlu."

Msizi:”Kuhlala ugogo la unikele ngalomhlaba kuthi kwakhiwe isonto ngoba akanawo umndeni usele yedwa akafuni kugcine kuyindawo yaboskhotheni le. Ugogo lo unakekelwa uYoliswa nendodakazi yakhe ngoba ahlala yedwa.”

Khoza:”Nkosikazi ngathi sesiqanjelwa amanga nje kuthi sizokwamukela loyokiyoki.”

Ahleke uMsizi bayongena endlini ugogo uyapheka babingele bahlale phansi.

Msizi:”Uvuka njani namuhla?”

Gogo:”Ngane yami selokhu ngathola umkhuleko wakho wokuqala akukho okungihluphayo ngize ngivuke ngenxa yamahloni kuthi uthi kuseyiko nje. Akukho nelilodwa ithambo elibuhlungu.”

Msizi:”Sibonga iNkosi gogo.”

Gogo:”Uyabona nalesigubhu yimina engiye kuyokha amanzi hhayi kodwa wangithethisa uYoliswa athi uzowaletha ukube akunjalo ngabe ngilande amanye.”

Abheke ubaba wakhe amukhiphele ulwimi

Msizi:”Gogo ngihamba nabazali bami la.”

Ababheke ugogo

Gogo:”Hawu maye nibusisekile ngokuba nendodana enje.”

Baxhawulane azichaze ugogo ukuthi yena akanamndeni sekasizwa uYoliswa nendodakazi yakhe. Basukume sebahamba bavalelise aphume nabo ugogo, bomakhelwane bayamumangalela ngoba abengasabonakali ngaphandle bekahlala endlini.

MaKhoza:”Kuyacaca nabo sebazitholele umndeni la kuwe, ngizothumela uMsizi akulande namuhla. Uletha umakoti wakhe sizoxoxa naye nawe uke ushawe umoya.”

Gogo:”Hawu kodwa mntanami ngiyabonga.”

Bangene emotweni ababukele ugogo imoto iyosithela uMsizi abhalele umamYoli umlayezo.

Msizi:*Ukutshelile uSbongile?*

MamYoli:*Ungitshelile angisathukanga nje.*

Msizi:*Khululeka bazokuthanda, utshele ubhuti wakho ukuthi ngoMgqibelo ngiyeza nilungise, ngiyakuthanda.*

MamYoli:”Ngiyakuthanda Khoza.*

Yize azibuza ngoLwazi kepha uyakholwa ukuthi uphephile ubhuti wakhe la akhona uzohlala ebakhulekela. Yena ujabulile namuhla wagcina injabulo enje eseyingane makajabulele oswidi………

***ISIQEPHU 50***

***KWANKOSI***

Bahlezi badidekile bonke izolo baze bayolala mababuya emaphoyiseni bayavuka namuhla kusenzima. UmamGugu ulale egunjini lendodakazi yakhe ubabMongezi wamuyeka ngoba emubona akaphathekanga kahle.

Nathi:"Ukube lomuntu abemutshontsha uCebile ngicabanga ukuthi abezolizwa iphimbo lami akhale ngoba ngimusizile ngomgqomo."

Sinalo:"Wazi ngani ukuthi bekunaye lapho phakathi?"

Nathi:"Ubusinda kakhulu akukho amashidi angasinda ngalohlobo noma udodi angivumi."

BabMongezi:"Mangabe abejoviwe ngento elalisayo?"

MamGugu:"Bangathi bafunani enganeni yami?"

Sinalo:"Bafuna uSpoko bayaziphindisela."

Bamubheke bonke

MamGugu:"Ubani lospoko olokhu ukhuluma ngaye?"

Sinalo:"Angimazi nami kodwa ubaba nobhuti bayamazi."

Nathi:"Sinalo awume ngezindaba ayyyy."

BabMongezi:"UKhoza ukhulume enye into emaphoyiseni angiyinakanga manje ngiyayicabanga."

MamGugu:"Utheni?"

BabMongezi:"Uthe mhlawumbe abatshontshwanga bazihambele bona, ngendlela angayo uKhoza sidalo ngabe sesizwa ukuthi usesibhedlela kodwa cha."

Nathi:"Usho ukuthi kukhona akwaziyo?"

Sinalo:"Kungenzeka ubabKhoza phela uyamuthanda uLwazi ngeke aphole kanje."

BabMongezi:"UCebile ngeke ahlale isikhathi eside ngaphandle kwamawakhe uzomushayela thina asehliseni umoya nje."

Nathi:"Sinalo umama ukhumula inzilo ngoMgqibelo."

MamGugu:"Hayibo."

Nathi:"Eya mama."

BabMongezi:”Ngizoshayela anti wenu manje asheshe ukuza.”

Aphume ubabMongezi amulandele umamGugu amufice ezimbalini zakhe.

MamGugu:”Bengicabanga ukuthi kumele ngizithathele isinqumo sokukhumula.”

BabMongezi:”Cha umama bekumele akuthathele manje naye ikhanda ligcwele umuthi wababomdala.”

MamGugu:”Mongezi.”

BabMongezi:”Sekuphelile ukungibiza ngobhuti manje?”

MamGugu:”Mana angidlali kungani uvumela uNathi?”

BabMongezi:”Nami ngifuna ukhumule Gugulami ngifuna kwazisa umhlaba wonke kuthi ungowami. Angifuni kulokhu ngilunguzwa uSinalo njengamanje.”

MamGugu:”Usilinguzile?”

BabMongezi:”Yebo nangu la ngathi igundane lesiganga alokhu avela aphinde asithele.”

Bahleke bobabili

MamGugu:”Mawucabanga uCebile uhambe ngokufuna kwakhe akaphoqwanga?”

BabMongezi:”Akukho okwabo okusele esibhedlela benoLwazi bazibalekele nje laba.”

MamGugu:”Manje ngizokhumula ingane yami encane ingekho?”

BabMongezi:”Kubonakala kanjalo, angikuphoqi kodwa uyavuma ukukhumula?”

MamGugu:”Kona kubi lokuthi silokhu sihlangana ngisazilele umyeni wami.”

BabMongezi:”Kuzolunga Gugu.”

MamGugu:”Kungani ungibiza ngoGugulakho nawe?”

BabMongezi:”Uyigugu kimi, awuthandi ngikubize kanjalo?”

MamGugu:”Kuyangithusa phela uMondli ayengibiza kanjalo masindawonye, masizithokozisa.”

Athule ubabMongezi ngoba nguye omubiza kanjalo angaphenduli.

MamGugu:”Bhuti angazi kwenzakalani ngami ngiyakuthanda ngathi kudala usempilweni yami. Manginawe uxhumano lwethu luyamangaza.”

BabMongezo:”Uxhumano luningi lugcwele sidalelwene Gugulami.”

Amugaxe ubabMongezi naye aqamele

MamGugu:”Lezimbali zisho ukuthini kini?”

BabMongezi:”Ahm sazihlanyela sobabili noMondli sathembisana ukuthi uma omunye endlula kulomhlaba sizoxhumana la.”

MamGugu:”Manje niyaxhumana?”

BabMongezi:”Noma angakhulumi yena uyeza.”

MamGugu:”Ungamubiza namanje?”

BabMongezi:”Maseqeda isidlo santambama sizoza, unesiqiniseko?”

MamGugu:”Angithi uthe akaveli kodwa uyamuzwa?”

BabMongezi:”Yebo.”

MamGugu:”Ngeke ngibe nenkingake, bhuti.”

BabMongezi:”Mmmmm.”

MamGugu:”Ngeke ufise ukuba nengane yakho?”

Amuqinise ubabMongezi esiphangeni

BabMongezi:”Mangabe wena ufuna ingane ngizokunika kepha hhayi ngoba wenzela mina kuthi ngijabule nginazo mina izingane.”

MamGugu:”Hawu awukaze bhuti ungitshele ngazo.”

BabMongezi:”Ngizokutshelelani ngazo ngoba zahluma kuso lesisu sakho enye ibalekile seyikhulile enye nayi ilungisela ubhibhi iyasilunguza, enye kumele siyitholele inkosikazi ngoba makungenjalo uzosidonsa ngamakhala la endlini.”

Babhekane

MamGugu:”Besengifuna nokukhala ngithi unezinye izingane.”

BabMongezi:”Unomona ngaleyo ndlela vele?”

MamGugu:”Bengizozinakekela.”

BabMongezi:”Izingane zami yizo lezi ngaphandle mangabe ufuna enye encane.”

Abheke phansi umamGugu

BabMongezi:”Gugulethu ufuna ingane ngempela?”

MamGugu:”Ngiyayifuna kepha nginamahloni, manje sizobe sizwa ukuthi uSinalo ukhulelisile cabanga nami masenginengane encane.”

BabMongezi:”Kungani ucabange uSinalo? Mhlawumbe uCebi.”

MamGugu:”USinalo ulanda lengane yabantu njalo, ngithi njalo hayibo ukahle nje lomfana?”

BabMongezi:"Yekela umfana usemuncane."

Balokhu bencokola uNathi ubabuke efasteleni uyababona ukuthi labantu kudala baxhumana akafisi futhi ukuthi iqiniso livele libhidlize lomndeni, kuncono ahlale angazi umamGugu ngalento. USinalo yena ulokhu uyabalunguza naye kuningi okusekhanda lakhe. Usazibuza ukuthi kungani wayehamba nabazali bakhe ubabomdala uma bezikhipha.

Aphazanyiswe ukuphuma kwaNathi endlini

Nathi:"Wenzani Sinalo?"

Sinalo:"Ngigunda izinzipho?"

Nathi:"Uzigunda ngani ngoba awuphethanga into yokuzigunda."

Sinalo:"Ngiyaziluma, ingabe kunenkina?"

Anikine ikhanda aqonde emotweni

BabMongezi:"Uyaphi  manje?"

Nathi:"Ngilanda uAnti uyamazi umabizwa asabele."

MamGugu:"Ukuphi?"

Nathi:"Ngifuna kulula izinyawo ngimulanda kwakhe abethi uzogibela kusasa ngamutshela ukuthi ngizomulanda manje."

Sinalo:"Ngihambe nawe."

Nathi:"Usathamele izindaba lapho nje."

Asondele azogibela bahleka imoto mayisithela.

BabMongezi:"Sisele sodwa."

MamGugu:"So?"

BabMongezi:"Masekufika uDeliwe le ngeke sisaba ndawonye."

MamGugu:"Mongezi wena awudeli."

BabMongezi:"Ubani ongadela lokhu?"

Amushaye izinqe athalaze abantu abanakanga bayazindlulela nje umakhelwane wabo oyedwa obalunguzile uthanda izindaba."

MamGugu:"Cha asilinde kuhwalale kuqala ngizoba namahloni kuza la sengilale nawe."

BabMongezi:"Fuze ngabe sobonile ukuthi angikwazi ukulinda."

MamGugu:"Wena ukuphela kwendoda enesineke."

BabMongezi:”Isineke nginaso kodwa hhayi ekudleni kwami.”

Amuphakamise ahleke umamGugu bayongena endlini baqonde egunjini labo beqabulana.

BabMongezi:”Ngikunike ingane,?”

MamGugu:”Cha hhayi namuhla.”

Baqhubeke ngokuqabulana……

***ISIQEPHU 51***

***EMGWAQENI***

Emva kwamahora amabili bafike sekuyakhanya ezindlini zabantu kukhomba kona ukuthi sekuhwalele.

Nathi:"Lomntwana kungani uhlala umulanda."

Sinalo:"Ubani?"

Nathi:"Lentombi yakho."

Snalo:"Uthanda amamovie."

Nathi:"Ngiyathemba uyazivikela."

Ancene nokumphendula uSinalo kuthi akukho abakwenzayo bangene kwaAnti wabo akokode uNathi.

Sinalo:"Isikhwama sakhe sesilinde la ekhishini."

Nathi:"Sinetshali phezulu."

Bahleke

Deliwe:"Ubani."

Sinalo:"Yithi antiza."

Avule umnyango abajabulele bahagane isikhwama sesipakiwe vele sinetshali, babhekane bamoyizelelane. Abheke uNathi yena.

Deliwe:"Unjani mfana bhuti?"

Nathi:"Ungayenzi leyonto anti ngiyakucela."

Anti:"Ngiyazwisisa ngilindeni ngiyokhanyisa ngale egunjini."

Abashiye lapho baphume nesikhwama basibeke emotweni.

Sinalo:"Awufuni ukukhuluma ngosisAmanda bhuti."

Nathi:"Uhambile ntwana futhi ngeke abuye, utholiwe umbulali ngenza konke ukuhlanya kodwa usahambile uAmanda."

Sinalo:"Uyandlulisa indaba kaMholi?"

Nathi;?:"Ngiyandlulisa ngizoya futhi kwaKhoza nesipho ngiyoxolisa kahle kodwa emva komsebenzi kamama."

Sinalo:”Mawucabanga usazokhona kuthanda umuntu?”

Nathi:”Akukho engqondweni yami manje.”

Sinalo:”Phephisa bhuti.”

Nathi:”Impilo sizothini.”

Sinalo:”Angifuni kundlula kuleyonto bafo.”

Nathi:”Ngeke ukuvimbe makukuqondile, okwamanje ngifuna bomama bashade bahambe umama kudala akhala.”

Sinalo:”Uqinsile lapho.”

Nathi:”Uzizwa njani ngendaba yabo ngoba uhlala ubabuka nje.”

Sinalo:”Kunezimfihlo eziningi la ekhaya ngihlushwa ukukhumbula ukuthi ubabomdala wayehlala ahamba nabomama mabayongcebeleka yena agqokise okomshayeli.”

Acabange uNathi abuke umfowabo.

Nathi:”Izinto ezenziwa abantu abadala zingasixaka kodwa babenzela thina zingane zabo kuthi sikhule siwumndeni ozwanayo.”

Sinalo:”Kukhona okwenzakalayo?”

Nathi:”Ngizokhuluma nobaba kube nguye okutshelayo ngiyathemba ngeke uyithathe kabi.”

Kukhale ucingo lwaSinalo alubambe.

Sinalo:”Hellow.”

Sbo:”Namuhla awuzi?”

Sinalo:”Ngizokubona kusasa sthandwa sami ngikude sizolanda uAnti.”

Sbo:”Ohhhh pho kungani ungashongo mina ngizishunile ngikugadile.”

Sinalo:”Ngiyaxolisa sthandwa sami.”

Sbo:”Akunankinga sizobonana kusasa.”

Sinalo:”Ngiyakuthanda uyezwa.”

Sbo:”Ngiyakuthanda nami.”

Aluvale

Nathi:”Lomntwana akafani nalezintombi ubuzigcwalisa ilokishi leli?”

Sinalo:”Nangu anti aphuma asambeni.”

Nathi:”Uziba umbuzo.”

Anti sekaqedile naye aphume akhiye ayogibela emotweni bahambe, kunomsindo waSinalo nje la endleleni bayahleka futhi. Phakathi nendlela kunezimoto ezimile ngathi zivimbekile zilokhu zishaya amahutha, ezinye zifike emva kwabo nazo zishaye amahutha. Balinde kuze kuphele imizuzu engamashumi amathathu.

Nathi:"Iza ngapha ntwana ngibheke ukuthi yini le evimbile ngeke sihambe la."

Sinalo:"Mhlawumbe kunengozi."

Nathi:"Akubonakali namalambu amaphoyisa noma abantu abasizayo balokhu babanga umsindo nje ngamahutha."

Deliwe:"Makuliwa lapho ungayi ndodana."

Ehlike ezinye izimoto sezithatha omunye umgwaqo kuneyodwa emile phambili kunowesifazane ugobile akazi wenzani. Abheke imoto emulandelayo abantu besifazane abathathu. Asondele kuye

Nathi:"Ngingakusiza?"

Aphakamise ikhanda uyakhala amubheke uNathi athalaze sekaze ucabanga ubugebengu. Angaboni muntu agobe lapho celeni kwakhe amukhiphele isondo.

Nathi:"Unalo isondo elinye?"

"Angazi mina ngibone ingasahambi imoto mangiyibheka isondo linomoya"

Avule la kuhlala khona ispare wheel alikhiphe alifake athathe leli elingenamoya alibeke.

Nathi:"Dumisa imoto sesi uhambe."

"Ngiyabonga bhuti uNkulunkulu akubusise ngiyabonga."

Angene emotweni ayisuse uNathi alinde lapho kuze kufike eyakhe agibele sekazinindile naye waba mnyama empahleni.

Nathi:"Cabanga abantu babuka umfazi nesondo eliphume umoya balokhu mashaya amahutha."

Sinalo:"Akukho noyedwa ocabanga ukusiza."

Nathi:"Mhlawumbe bacabanga ukuthi uhamba nezigebengu ngoba nami ungifikele lowo mcabango masengiseduze, ngamfica akhala."

Ahleke uSinalo

Deliwe:"Abazali benu banjani?"

Sinalo:"Bayajola namanje bajabule kabi nje ngoba basele bodwa."

Deliwe:"Awuyeke ukubheda wena, unjani umawenu ngalendaba kaCebi."

Nathi:"Sikhulumile naye uCebi kuyazicacela ukuthi ubalekile nalomuntu wakhe."

Deliwe:"Kungabangcono makunjalo kungabi ukuthi izigebengu ezenze ngaleyo ndlela nizocabanga ukuthi ubaleke nomuntu wakhe."

Kuthuleke emotweni bobabili bacabange bajule

Deliwe:"Ubaba wenu angamufuna amuthole nikhulume naye, asikwazi kuhlala siqhubeke ngempilo ngathi sinesiqiniseko kuthi uhambe nomyeni wakhe."

Nathi:"Kulungile anti."

Ashayele aze afike uSinalo akusamnandanga manje bacabanga uCebile……

Wafika uMgqibelo wenzelwa umsebenzi wokukhumula inzilo umamGugu, bamema nomndeni wakwaKhoza babika ukuthi ngeke bakhone ngoba uyalobola uMsizi. Konke kwahamba kahle umama kababMongezi bamazisa azange avele kwabacacela ukuthi unqatshelwe umyeni wakhe. UbabMongezi wathumela uMathambo ukuthi amucingele uCebile wamuthola wabuya watshela ubabMongezi kuthi ukuphi. Lokho wakutshela uNathi yedwa bavumelana ngokubayeka…..

UMsizi naye walobola kubhuti kamamYoliswa nomunye umuntu omdala wakwaNtuli amucelile nje. Nakuye umsebenzi wahamba kahle ajabulile umamYoliswa babeka nosuku lomshado oluzoba ezinyangeni ezinhlanu ezizayo….

UDanisile usahlezi kwaDumsane bajabulile bobabili ngosuku lwamalobolo wamushiya waya kwasesi wakhe. Bekunzima usuku lonke bangabonani, ucansi kubo luphakathi abakhoni kuyekana futhi. UDanisile wamazisa umawakhe ukuthi ubhuti wakhe uyalobola waqamba amanga kuthi akekho kepha wathembisa ukubabona makabuya lapho. Lokho wakwenziswa ukuthi uyazi masekahamba kaDumsane usizi lonke lumulindile kepha sekayazi manje okumele akwenze…..

UCebile noLwazi bahlezi kahle nomamPhindi futhi ufundisa noCebi ukukhuleka kanye nokubona into enobungozi bobumnyama. Isazibonakalisa intombazane kuye isakhala ngocingo futhi manje sekaze uyayiphupha namanje akakakhoni ukukhumbula ukuthi ingubani. Uphethwe ukukhumbula umndeni wakhe ikakhulukazi umawakhe, uyakhala makamucabanga. ULwazi sekazakhele isibaya samalahle ngoba ubonile yonke lendawo bayabasa futhi. Wenze isicelo sokukhuluma nenkosi amazise ngeshishini lakhe ngale kubo futhi bayasokola ukuthola amalahle. Iloli ebalethelayo bayilinda baze bakhohlwe. Mhla iqhamuka bayivimba isekude amalahle ahle aphelele lapho……

***ISIQEPHU 52***

***MIHLA NO NSIZWA***

Isekuseni uMihla avuke uzobonana noPhinda ngoba uNsizwa sekakhuluma kaningi ngenkosikazi yakhe.

Mihla:”Ngiyaphuma namuhla.”

Nsizwa:”Uyaphi?”

Mihla:”Ngiyokwenza izinwele.”

Nsizwa:”Ngizokuphelezela.”

Mihla:”Khululeka ngiyabona uhlala uhlezi la udinga kuyoba nabangani bakho kanye nje.”

Nsizwa:”Amaphepha akho okushayela awakaphumi nje.”

Mihla:”Myeni wami ngizofaka lophawu emotweni futhi nginazo izincwadi zesikhashana ngeke ngiboshwe.”

Nsizwa:”Ngisayogezake.”

Mihla:”Mina ngiqedil kumele ngishintshe nje.”

Aye egunjini lakhe uNsizwa ageze makaqeda nokugqoka akhiphe ucingo lwakhe ashayele inkosikazi yakhe lutho ukuphendula. Inhliziyo ibe buhlungu nje uDanisile noma ngabe uthukuthele kangakanani uyamuphendula makamushayela abuyisele ucingo lwakhe ekhikhini.”

Mihla:”Awujabulanga?”

Nsizwa:”Ngizoba kahle mina, nali ikhadi ukhokhe ngalo.”

Mihla:”Ngiyabonga, ngingathenga nezimpahlana nje seziyangishiya ezami ngoba isisu sikhula.”

Nsizwa:”Ayikho inkinga.”

Aphume makafika ngaphandle abheke imoto yenkosikazi yakhe eme phambi kwayo amushayele futhi angaphenduli. Ayongena emotweni yakhe ahambe uMihla acasukile nje ngoba abemubona. Aphume naye athathe imoto kaDanisile ujabulile nje ushayela imoto yena abamazi kahle. Unomyeni onemali futhi uzwa ngaye, ashayele uPhinda ucingo.

Phinda:”Ufunani?”

Mihla:"Besithe sizobonana namuhla."

Phinda:"Yazi abantu engingatholi usizo kubo kuyavilaphisa ukubasiza njengawe nje."

Mihla:"Ngingaba usizo kanjani?"

Phinda:"Buka namanje ngiphumulile angikwazi ukukubiza kumele mina ngize kuwe ngoba awushayeli."

Mihla:"Ngilayele la kumele ngize khona ngizofika."

Amulayele uPhinda

Phinda:"Ngikufuna la ngokushesha."

Akakaze ashayele indlela ende uMihla kepha uzimisele…

UNsizwa uphume wahamba elokhu ecabanga inkosikazi yakhe akazi kwenzakalani phakathi kwabo akaqondi futhi kodwa uyasizwa isikhala somkakhe. Uyakhumbula kancane amushaya uyaziswabela kwayena kodwa akasiqondi kahle isizathu esenza amushaye kabhlungu kanje. Amise imoto ngaphandle kwegceke abheke kuqala kuthulekile kepha umnyango uvuliwe ehlike. Akokode kuthuleke kanti bebekhuluma kuvele umaKhoza amoyizele okungatheni.

Nsizwa:"Sawubona mama."

MaKhoza:"Mkhwenyane ngena."

Angene bayohlala kusofa uKhoza uzifundela iphephandaba

Nsizwa:"Sawubona baba."

Khoza:"Yaaaa mfana."

Amubheke umkakhe abuyisele amehlo ephepheni manje akasafundi.

Nsizwa:"Bengicela ukuboa uDanisile mama."

Ayeke iphepha alibeke phezu kwetafula ayamele abheke umkakhe omangele naye omubhekile bese babuka ngakuNsizwa.

Khoza:"Umgcine nini umkakho njengoba uzomufuna la?"

Nsizwa:"Cishe amasonto amathathu ahambile endlini."

Ashawe uvalo uKhoza badangale

Khoza:"Akafuni kukubona."

Nsizwa:"Baba ngiyazi ukubona indodakazi yakho ilimele ngalohlobo uqalele phansi wangizonda. Bekuyiphutha baba ukumbeka isandla ngicela ukumbona."

Asukume uKhoza aqonde egunjini lakhe achofoze inombolo kaDanisile axole makayibamba ezwa iphimbo lakhe. Adonse umoya ajabule akakwazi kulahlekelwa indodakazi yakhe yodwana. Makaqeda ukukhuluma naye abuyele emuva eme ngezinyawo.

Khoza:”Sukuma uqonde kulomnyango ongene ngawo uhambe ungaphinde ubuye la. Uma umntanami efuna kukuxolela uzozizela kuwe manje akafuni kukubona hamba ungaphinde futhi ulibhade la.”

Nsizwa:”Baba.”

Khoza:”PHUMA.”

Asukume ngokushesha aphume basale babhekana abazali baDanisile, umyeni wakhe aqhubeke ayogibela emotweni yakhe…..

UMihla uhambe  masekazongena khona uNsizwa amushayele.

Nsizwa:”Mamakhe ngifuna ukuphuza ngingakwenza lokho?”

Mihla:”Khululeka sthandwa sami ungaphuza kodwa ungalinye ulale namantombazane lapho.”

Nsizwa:”Ngeke ngiyathembisa ngikukhumbulile kodwa ngicela usheshe.”

Aluvale aqhubeke nokushayela andlule komunye umuzi kukhona ohlezi kuwheelchair ingane iyadlala omunye wesilisa ugobile ngathi uyakhanda. Amubhekisise naye aphakame lo amubhekayo babhekane aze afike amise imoto isikhashana bese uyehlika.

Phinda:”Imoto yombala ogqamile ayingeni kaPhinda.”

Mihla:”Ngiyaxolisa mnumzane bengingazi.”

Phinda:”Uyazi mangizwa iphimbo lakho ngibhonyelwe kepha masengikubona isisu sesingaka cha angisakuhaleli.”

Ajabule ngaphakathi uMihla ngoba uyamulimaza lomuntu.

Phinda:”Ugqoke iphenti elimhlophe likhumule liyangixhopha.”

Angabuzi alikhumule bonogada babhekile khona la uPhinda akanandaba, alithathe aliphose ngale kwegceke. Bangene endlini amangale uMihla ubuhle obunje achazeke kakhulu nje.

Phinda:”Ukhala ngani?”

Mihla:”UNsizwa ngathi indandatho ayisamusebenzi uhlala akhuluma ngenkosikkazi yakhe mina kuyangicasula.”

Phinda:”Wena awulaleli ngakutshela ukuthi izinto zakho zizohamba kahle uma ekhona umkakhe manje uxoshe yena usubhedisile. UNsizwa uyamuthanda umkakhe akukho umuthi ongaqeda uthando lweqiniso. Noma angabonisa ngathi uthanda wena kepha uma alele uphupha inkosikazi yakhe qha.”

Mihla:”Bengiba  nomona nje makathi uyolala naye.”

Phinda:”Inkinga ilapho unomhobholo uNsizwa makalala nenkosikazi yakhe abuye kuwe futhi lokho bekuzonika wena amandla uwathatha ngale kumfazi wokuqala ngokocansi. Lawo mandla ahambisana namalungelo abezobhalisa wena ezintweni zakhe zonke mhla afa noma masokhathele nguye umbulale ubuzosala nemali. Yingakho amadoda amaningi asesithenjini ambalwa aqhubekayo ngokunaka abafazi bokuqala igugu kuba ilo wesibili kusuke kungasilo igugu ntombazane kusuke kusebenza umuthi.”

Mihla:”Ngamanye amagama uthi anginayo injabulo noma imali ngaphandle kwenkosikazi yakhe?”

Phinda:”Yebo  kunjalo indandatho iphelelwa amandla ngoba nawe mawulala uyafa. Amehlo akhe ayibonile noma ikhanyisa ubonile amandla aqedwa yilokho.”

Mihla:”Ngilungise kanjani Phinda ngicela ungisize angikwazi ukulahlekelwa uNsizwa.”

Phinda:”Funa umkakhe uxolise umtshele ukuthi uyamudinga kanjalo uzonilala nobabili wena uzothola amandla nezinhlanhla zakhe.”

Mihla:”Kwaze kwanzimake.”

Phinda:”Uma kunzima kuzomele ungichithele igazi lomkhulu walengane oyithwele.”

Athuke uMihla

Mihla:”Hayibo lichithwa njani igazi?”

Phinda:”Impilo yakhe iya le nale uyalulama kuphinde kumbambe futhi wena hamba uyomuqedelela esibhedlela.”

Aqhaqhazele uMihla

Phinda:”Xolisa ulande inkosikazi kaNsizwa noma chitha igazi lenhloko yomndeni futhi makaphuma ufuna kuyolungisa uNsizwa bazokubamba kuthi kukhona okwenze uNsizwa.”

Adonse umoya alokhu azisula umjuluko

Phinda:”Uyakhumbula ngikutshela ukuthi iyeza indlela yokukhokha angifuni imali?”

Mihla:”Ngiyakhumbula.”

Phinda:”Yiyona ndlela lenake eyokuqala  thatha lokhuya.”

Amukhombe isijumba sepulastiki asithathe simunyama

Phinda:”Uma usuka la awukhulumi namuntu awuphenduli ngisho ucingo lwakho mawufika esibhedlela ugcobise ngalomuthi ezandleni bese uya ewodini lakhe ufike umukhame ungamuyeki aphefumula.”

Mihla:”Makungangena umuntu noma yena angisunduze uyindoda phela?”

Phinda:”Lokho ngeke kwenzeke ngoba uzokhanywa ilomuthi.”

Mihla:”Pho kungani ngingamutheli ngawo kuphela?”

Phinda:”Kudingeka izandla zakho kuthi zimubulale ngoba uthwele igazi lakhe umzukulu ongumfana ozosala nengcebo.”

Yize athukile kepha makezwa igama lengcebo afuthumale ngaphakathi kuye azicabange sekanemali.

Mihka:”Kulungile ngizokwenza.”

Phinda:”Awuyi kwakho nalomuthi ungasebenzanga mawuphuma la uqonda esibhedlela.”

Mihla:”Nakanjani.”

Phinda:”Buya uzongimuncake ngoba lomuntu esengimubeke iso angikakhoni ukumthola kahle.”

Asukume ayoguqa phambi kwakhe amukhiphe isitho sakhe sesihle siqinile afikelwe nawukuhlanza masikhipha uketshezi phambili. Aqhubeke kodwa amumunce elokhu equma ekhala amubambe ikhanda aliwinise kuthi kufike nasemphinjeni amufende khona aze aqede. Makachama azame kusuka kuye uMihla kodwa amunqabele uPhinda amuqinise.

Phinda:”Eyyy munca kakhulu kuba munandi kanjalo.”

Azidele amumunce echama enjalo kungene emlonyeni wakhe kugwinyeke aqede angasafuni lutho uMihla aphume angasavalelisanga. Aqale ngala aphose khona iphenti lakhe alicinge angalitholi ayongena emotweni. Nangu futhi lomlisa umubhekile ngqo manje asabe kumubheka uMihla ngoba angaze akhulume naye. Angene emotweni ayisuse azondlula ngakuye futhi ahambe.

Ahambe uMihla uNsizwa uyamushayela naye kaningi angalubambi ucingo lwakhe. Makafika esbhedlela kungene umlayezo.

Nsizwa:*Ngiyahlanya phela manje angazi ngikubhekephi wonke amasalon angikutholanga ukuphi ngicela ungitshele ukahle ngoba ngizaze ngizibulale kubuhlungu.*

Athuke uMihla amubhalele umlayezo

Mihka:*Ngikahle ngisuke ngakhumbula abazali bami azange ngisaya esalon ngaya kubo emakhaya ngisendleleni ebuyayo manje ngiyasaba nokuphendula ucingo ngishayela.*

Azigcobise izandla zakhe uyaqhaqhazela ukuthuka makathi uyaphuma nangu umaKhumalo uqonde kuyo imoto akukho futhi la angaya khona azibhekise okuthile emotweni.

MaKhumalo:"Uzokwenzani la uhamba nangemoto yamakoti."

Athule angaphenduli

MaKhoza:"Ngikhuluma nawe kungabe ukuthi uzobona umyeni wami ngoba akahlanganise lutho nawe."

Uyafuna ukumphendula kodwa uyazibamba avale imoto angene phakathi amulandele umaKhumalo elokhu elwa. Afike ahlale kwezinye izihlalo ngathi uzobona udokotela, nomaKhumalo akhumbule ukuthi kambe ukhulelwe. Uthe bangasuka asukume ayobabheka ngempela nabaya bayongena emotweni ihambe nayo. Aqonde ewodini laKhumalo uhlezi ngezinqe ngathi uyagibela embhedeni.

Angene amubheke uKhumalo amehlo akhe ahlale esiswini sesiyabonakala, noma angayifuni lentombazane kodwa ithwele umzukulu wakhe wokuqala. Aphakamise izinyawo uKhumalo azibeke phezu kombhede azimbese amangale indlela angayo futhi emehlweni.

Khumalo:"Ufunani la?"

Amugxavule entanyeni uMihla ngezandla eziqhaqhazelayo kepha amubambe ngci angakhoni kulwa uKhumalo. Akhohlele kucace ukuthi uhishwa ilomuthi kuzwakale amaphimbo ngathi ayasondela abhekise amehlo emnyango uMihla angamuyeki uKhumalo. Amubambe umzimba aze awulahle amuyeke ayongena endlini yokugezela angene lamanesi angasondeli kuKhumalo abhale okuthile kwifayela lakhe bese bayaphuma. Abalandele naye makafika emnyango ahlangane nalenesi belingenile.

Nesi:"Hayibo uqhamuka kuphi ngoba bengila manje ngikhohlwe ipeni yami."

Akhweze amahlombe uMihla bese uyahamba uthe angezwa limemeza asuke ngejubane agijime aze ayongena emotweni ayisuse imoto aphume kahle esangweni. Aqonde ngqo kwaNsizwa amufice angaphandle umulindile amuhlangabeze athi uzomuhaga. Azikhalise ngoba akazi uzothi ubuyaphi ahambe ayongena endlini yokugezela azikhiyele. Kumele asuse lomuthi ezandleni zakhe futhi acabange nokuthi uzothi ukhalelani kuNsizwa.

Ageze aqede aphume usamulindile sekakhathazekile uNsizwa

Nsizwa:"Kwenzenjani kanti?"

Acabange uqeda kubulala ubaba wakhe uPhinda uthe lokho kuzomunika amandla uzokwenza konke akufunayo, azikhalise kakhulu.

Mihla:"Umkakho abengihlasele nobhuti wakhe bekazama kuthi angidlwengule lobhuti wakhe. Bengithukile kakhulu futhi Nsizwa mina ngifuna ukuya ekhaya manje angisaphephanga."

Asukume uNsizwa makacabanga into ecishe yavelela isithandwa sakhe, akhiphe ucingo lwakhe.

Mihla:"Ushayela bani ngiyamusaba ngicela ungamushayeli."

Nsizwa:"Ngiqedile ngaye angisafuni nokumubona duze nami angishayeli yena angifuni nokuzwa iphimbo lakhe.."

Kuthi cosololo kuMihla ayibuke yonke lengcebo kuzoba ngeyakhe noNsizwa.

Nsizwa:"Im sorry to call you this late."

(Ngiyaxolisa kukushayela ngalesikhathi)

…………..

Nsizwa:"Do tou still have those divorce papers and settlements that I wanted to cancel?"

(Usenawo lawa maphepha esehlukaniso nokwabelana kwakhona lawa engathi asiwayeke?)

………………

Nsizwa:"Ive made my decision please deliver them soon as possible."

(Sengisenzile isinqumo ngicela uwahambise ngokushesha.)

Avale ucingo lwakhe alule izandla ayoziphosa kuye amuphulule abuye adlalise nesisu sakhe.

Nsizwa:"Ngeke aphinde asihluphe."

Mihla:"Mina bengingafuni nihlukane, futhi uzomabela ini?"

Nsizwa:"Lutho abengasebenzi yimina owenze konke lokhu okubonayo. Okwengane yami lokhu nxxxx. Yena nomndeni wakhe abahambe bayofa."

Afise nokugiya uMihla ngenxa yenjabulo ngeke nje yena abe sesithenjini…

***ISIQEPHU 53***

***LWAZI NO CEBILE***

Cebi:"Awufuni ukuphumula sthandwa sami."

MamPhindi:"Uyise wakhe unje wayesebenza kuze kuvame umusa."

Cebi:"Ubukeka umazi kakhulu ubabezala wami?"

MaMphindi:"Sikhule sonke."

Cebi:"Uya nini ebukhosini?"

Lwazi:"Ngicabanga ukuya kusasa kodwa kuzomele ngixhumane nobaba bazongilethela amalahle."

MamPhindi:"Kumele abe maningi ngoba lesizwe sisokola ngawo."

Cebi:"Manje uma kubanda nenzanjani?"

MamPhindi:"Eqaleni kwakuyisono kodwa manje lenkosi entsha iyasebenza isifakela ugesi nathi sesiyakhazimula njemanye amazwe."

Cebi:"Yona yinhle lendawo."

MamPhindi:"Uzamile ukuhamba hamba namuhla?"

Cebi:"Mama kubuhlungu yazi."

MamPhindi:"Kumele ulincenge sesi, buza umyeni wakho ukuthi ngingakugcobisa okuthile kuzokusiza. Okwesintu isihlahla lesi esingemva kwendlu esevicks ngizosikhulekela bese ngikugcobisa ngaso."

Cebi:"Kungani kumele ngicele kuye?"

MamPhindi:"Hayibo phela nguyena osophethe lomzimba kumele ucele yena."

Amoyizele uCebi.

Cebi:"Mnikazi womzimba wami ngicela umama angithobe ezinyaweni ngentelezi yakhe."

Ahleke umamPhindi

MamPhindi:"Ave uthanda ukudlala, uNozibusiso uyalala vele emini?"

Cebi:"Cha mhlawumbe wenziwa ilamaphupho."

MamPhindi:"Makaphupha futhi ubokhuleka ngekhandlela elimhlophe."

Cebi:”Ngizokwenza njalo mama.”

Asondele uLwazi asavula umlomo kuthi akhulume kuqhamuke imoto iza kancane.

Lwazi:”Hayibo uDanisile ufunani la?”

Cebi:”Usis Dani wakini?”

Lwazi:”Yebo imoto yakhe le.”

MamPhindi:”Shwele Thixo shwele Nkosi yokulunga.”

Cebi:”Mhlawumbe kukhona amaziyo.”

Lwazi:”Akazi muntu lapha.”

Makehlika uMihla bathuke eme kancane esangweni akhuluma bese uyangena izindonga zakhona azibonakalisi phakathi kepha lamagumbi aphezulu ayabonakala.

Cebi:”UMihla.”

Lwazi:”Ngempela.”

Cebi:”Sizomubona kahle makaphuma kungenzeka omunye.”

Lwazi:”Imoto nginesiqiniseko ekaDanisile.”

Cebile:”Mama kwenzakalani kulomuzi vele?”

MamPhindi:”Mina ngihlala ngibona amantombazane angena bese awasaphumi. Ziyeza izihlobo zibafune bangabatholi.”

Cebi:”Lendawo inenkosi kungani ingenzi indlela yokuthi uhambe lomuzi ogwinya amantombazane.”

MamPhindi:”Uyazi mntanami inkosi idinga abantu kuze ihole isizwe sayo kahle. Abantu basekuhlaleni ababonayo yithina esibonana sodwa inkosi  ingazi. Manje baningi abantu abazama ukuyibikela inkosi bese kusa bafile.”

Lwazi:”Hhayi kunomkhuba lapha.”

MamPhindi:”Omkhulu.”

Babone indwangu iqhamuka phezu kodonga iyowela phansi babhekane, uCebi ayibone futhi lentombazane icosha lendwangu bese ibheka ngakubo iyakhala, babhekane nomamPhindi babheke uLwazi.

MamPhindi:”Uyakhona ukumbona?”

Cebi:”Eya ma ngiyamubona.”

Lwazi:”’Ubani?”

Babone ukuthi akaboni lutho yena asukume umamPhindi athalaze makabona uNozi azikhulumela yedwa ekhoneni lendlu adonse umoya.

MamPhindi:”Asambeni siyokhuleka bantabami.”

Aphume futhi uMihla agibele emotweni manje bamubone kahle nguyena vele, abheke phambili imoto ize iyosithela.”

MamPhindi:”Ndodana buya endlini.”

Asondele uNozibusiso asondele uLwazi aphushe uCebi bangene endlini, abashiye bodwa ayokha lamacembe abuye awapheke akhanyise amakhandlela akhe bakhuleke. UCebi lonke leviki uyamufundisa umamPhindi ukukhuleka nokubaluleka kwako. Bakhuleke baze baqede , ngaphandle limemeze iphimbo.

“CEBILE NGUWENA ITHEMBA LAMI LOKUGCINA NGISIZE.”

Bonke bathuke babukane uCebi azibambe esifubeni.

Cebi:”Mama.”

MamPhindi:”Shhhhhhh.”

Avule umnyango umamPhindi aphume aphinde abuye avale umnyango.

MamPhindi:”Lomoya wazi igama lakho sesi uyamazi na?”

Cebi:”Ubuso bakhe bujwayelekile mama kodwa angikhoni ukumkhumbula.”

MamPhindi:”Lomlisa makabona ukuthi ukhalela usizo kuwe uzokwenzakalisa kumele nihambe la banatabami.”

Lwazi:”Asikwazi ukubuyela ekhaya mama.”

MamPhindi:”Uma kungakhoneki kuzomele kusizeke lentombazane ngokushesha angakaboni lo.”

Cebi:”Mangabe akezwanga manje ngoba angimemeze kangaka.”

MaMphindi:”La ngeke akhone ukungena ngoba ibiyelwe lendlu ngaphandle makangakulutha wena uphume kulegceke kanjalo uzokuthola.”

Lwazi:”Mama inkosikazi yami ikhulelwe ngeke ilimale?”

MamPhindi:”Sizoqhubeka sikhuleke ndodana wena ngoba ungayiboni kuzomele uye ebukhosini.”

Cebi:”Hhayi mama nakalimala la endleleni?”

MamPhindi:”Ngeke sesi ngiyakuthembisa inkosi kumele yazi ngalodaba sekwandlulele manje. Yena uzophuma nesihloko sokuyokhuluma ngamalahle qha.”

Cebi:”Nakhu ngishawa uvalo.”

MamPhindi:”Ungalivumeli.”

Cebi:”Kanjani mama ngingalivumeli kanjani ngingasalali ngihlala ngibona lentombazane ikhala. Nayi nengane iyakhala ayilali ebusuku kwazi bani ukuthi kwenzakalani kuyo?”

MamPhindi:”Uyayibona ebusuku ingena la?”

Cebi:”Yebo mama.”

MamPhindi:”Kukhona akwenzayo okuphuphisa lento engivikele ngayo lendawo kumele sihambe manje kusaphithiza abantu.”

Lwazi:”Mina ngididekile manje.”

MamPhindi:”Qoqani enizokudinga siyahamba kungakashayi u12”

Balalele aphushe uCebile mabangena egunjini labo nayi intombazane phezu kombhede iyakhala.

Cebi:”Ufunani wena la?”

“Angizanga ngempi yingakho ngikhona ukungena ngicela ungisize Cebi, kunocingo lwami kulowa muzi lawa lungaphansi kwekasi lezimpahla..”

Lwazi:”Kungani ungayi kolilanda wena?”

Cebi:”Uyamubona baby?”

Lwazi:”Ngiyamubona.”

“Ungivimbile kuthi ngingene.”

Abheke ngasefasteleni kukhanye bha amemeze aphele emehlweni babukane angene ngokushesha uLwazi athathe ucingo, ilaptop yakhe afake nezimpahlana esikhwameni aphushe uCebile uNozibusiso uyabonakala nje ukuthi uthukile. UmamPhindi kudala abalindile

Cebi:”Simufice egunjini lethu.”

MamPhindi:”Asisakhulumi ngalento manje ubumnyama abunawo amandla ngoba kusaphithizela. Uma kungenzeka okuthile bantabami mina ngikhulile ningishiye lapho niziphephise.”

Lwazi:”Mama.”

MamPhindi:”Cha ndodana maniya ebukhosini nihamba niqonde niyoze nijike kulomgwaqo onebhodi ebhalwe Royal niqhubeke njalo nizoyibona.”

Cebi:”Mama.”

MamPhindi:”Mntanami hambani isikhathi siyahamba.”

Lwazi:”Kanti sihamba sodwa ma?”

Ababambe ngezandla aziqinise bazizwe ukubanda futhi izandla zakhe kepha bangasho lutho.

MamPhindi:"Manifika ebukhosini nibatshele ukuthi nithunywe umamPhindi."

Kukhale umsindo wamakati akhale uNozibusiso amubambe umlomo umamPhindi, abakhiphe bagibelise uCebi emotweni.

MamPhindi:"INkosi inani Cebile umfazi uyawumela umndeni wakhe ngomkhuleko indoda mayima ngamandla nesibindi."

Ayisuse uLwazi uCebile makabheka emuva nayi intombazane iyagijima emva kwemoto ize ilula nezandla. Abone izinyawo ziphakama manje ayisagijimi iyandiza ize ifice imoto ngasefasteleni lakhe imubheke. Avale amehlo uCebile akhuleke alalise uNozibusiso emathangeni akhe. Akhuleke akhiphisele uLwazi aqhubeke ngokushayela akasakuzwa ukumemeza kwalentombaznae.

Uzwe imoto seyima nsi makavula amehlo kumnyama.

Cebi:"Lwazi."

Lwazi:"Icimile nkosazana ngifuna ukubheka luphi ucingo?"

Amunike akhanyise ithoshi avule umnyango makehla anyathele amanzi akhanyise khona kuwudaka imoto ibhajiwe uyabona ngeke akhone kuyikhipha la angadonswa. Bambalwa abantu abandlulayo aqonde ebhuthini akhiphe isihlalo saCebi

Lwazi:"Kumele sihambe ngezinyawo nkosazana ibhajiwe imoto angifuni nokuthi sizikhathaze sizame kuyikhipha ngoba ibambekile."

Cebi:"Kulungile."

Amukhiphe amuhlalise kuso akhiphe uNozibusiso amubeke phezu kwaCebi.

Lwazi:"Uzokhona?"

Cebi:"Ngihlezi angithi kufana nokuthi ngimugonile."

Akhiphe isikhwama sabo kanye nelaptop akugaxe emahlombe amuphushe, abantu ababanakile nje nabo baziyela la abaya khona. Bafike kulebhodi ebhalwe Royalty umgwaqo wakhona ukhanya kakhulu. Baqhubeke kuthuleke du akunamuntu

Cebi:"Ubani isikhathi kanti kwathuleka kangaka la?"

ULwazi angafuni nokusibheka ngoba kwayena uthukile sekajuluke umanzi nte,

"CEBILE UNGAYI LAPHO UZONGIDUKELA."

Aphushe mawala makezwa lephimbo kubuye kuthuleke abheke emuva uLwazi.

Lwazi:"Hayibo."

Cebi:”Yini?”

Amuphendule kuthi azibonele kepha angemi aqhubeke ngokuhamba ahlehla, ihlezi phansi intombazane iyakhala.

Lwazi:”Mangabe ushonile ngempela isono, mina ngikhathazwa ukuthi igama lakho ulazelaphi.”

Cebi:”Nami ngiyamazi kepha kunzima ukumkhumbula.”

Bafike ebukhosini akakhoni ukungena untombazane ngathi kukhona okumuvimbayo, bahlangatshezwe bonogada bazichaze ngendlela abatshele ngayo umamPhindi. Oyedwa angene emva kwesikhathi abuye babangenise kube khani adonsa umoya uLwazi akhululeka. Inkosi ihlezi namanye amadoda bangene basondele esihlalweni uLwazi agobe kancane.

Lwazi:”Nkosi yesizwe thina singaba kwaKhoza umndeni wami lo.”

Adonse umoya uLwazi nalenkosi iyathusa imubhekile bese yehlisa amehlo ibuke uCebile nengane.

Nkosi:”Khoza bazonibonisa la enizolala khona sizokhuluma kusasa ngoba ngiyabona akukhulumeki.”

Babhekane bacabange lento eshiwo umamPhindi ngalomuntu

Lwazi:”Angeke behle ubthongo inkosi ingakezwa lokhu.”

Nkosi:”Madoda ningakhululeka besesiqedile vele Sbaya ungakhohlwa ukushayela labantu abantu bami bayakhala ngamalahle.”

Avume uSbaya bonke baphume

Nkosi:”Awuboni mhlawumbe ukuthi inkosikazi iyolala nengane sisale sixoxa thina?”

Avume uCebi isisebenzi sithathe uNozibusiso esinye siphushe uCebi uLwazi akakhululeki ababheke baze basithele.

Nkosi:”Khululeka baphephile la kusasa ngizohamba ekuseni ningavuka ngingekho hlala endabeni  ngiyolala.”

Lwazi:”Nkosi yesizwe siqhamuka eMgalu imindeni yethu ilapho, manje size la ubaba ongizalayo unendlu la. Besisahlezi amasonto amabili kepha kuleli isonto inkosikazi yami iqale ukuba namaphupho amabi kanye nengane abalali ebusuku baze balale emini kakhulu. Baphupha nje kanti babona intombazane engasekho kulomhlaba.”

Axoxe yonke indaba uLwazi aqede inkosi seyimangele.

Lwazi:”Nkosi yesizwe labantu abafa ujuqu yingoba basuke sebahlele ukuzokwazisa ngalomuzi. Kunezimoto ezimnyama zodwa lapha kukhulu nje okwenzekayo.

Lentombazane kusoleka ngathi yabhubhela lapha ngoba ikhala ngocingo okumele luthathwe lunikwe ugogo wakhe.”

Nkosi:”Khoza uma usuyifikise ebukhosini sizoyifakela izibuko.”

Nkosi:”Ingabe kukhona okunye?”

Lwazi:”Ngiyaxolisa ukuhabula izindaba zenkosi kepha ngizwe ukhala ngamalahle, mina ngineshishini lawo le ekhaya futhi lithuthuka kakhulu. Inkosi uma ivuma ngicela ingiphe isizwe sayo ngibafakele amalahle.”

Nkosi:”Ngifuna isaka elilodwa kuqala ngizowabona bese sisayinda ikhontileka. Ungakhathazeki ngendaba yalomuzi konke kuzolunga ngizothumela bonogada bayobheka umamPhindi. Hayimaan usho umamPhindi usesi kamamSenzi?”

Lwazi:”Angazi nkosi yesizwe azange akhulume ngezihlobo zakhe.”

Nkosi:”Kulungile ungahamba uyophumula sizobona kusasa.”

Lwazi:”Ngiyabonga nkosi yezizwe.”

Ahambe naye ayongena egunjini alayelwa lona uCebile sekasembhedeni kepha akakazumeki. Ayogeza naye abuye angene engubeni……..

***ISIQEPHU 54***

***DANISILE***

Dumi:”Uhamba nini vele?”

Dani:”Hawu ikhona kodwa into enje?”

Dumi"”Enjani?”

Dani:”Ndoda uqeda kusuka phezu kwami ungibuza lowo mbuzo.”

Ahleke uDumsane

Dumi:”Ngibuza ngoba awusafuni iphume phela.”

Dani:”Ukube kuya ngami ngabe uyishiya phakathi ngihambe nayo.”

Dumi:”Hhayi wena kumele ushiye eyakho ngisale ngizidelisa.”

Dani:”Kudela owaziyo ukuthi ngizobuya isasekahle na.”

Dumi:”Ngizoyinakekela izohlala eskhwameni futhi ngoba uBhobi ngeke ayiyeke naye angayibona la.”

Agegetheke uDanisile babukane

Dumi:”Ngiyakuthanda.”

Dani:”Dumi.”

Dumi:”Khululeka ngiyazi ukuthi uyangisebenzisa.”

Dani:”Ujabulile kodwa?”

Dumi:”Ukujabula kwesikhashana kodwa angibalisi mina ngifuna kubona wena ujabulile.”

Avuke ahlale ngezinqe uDanisile

Dani:”Yazi sengilipholisile ikhanda ngicabanga ukuhamba.”

Angaphenduli uDumsane

Dani:”Angikwazi ukuhlala kanje.”

Dumi:”Ngiyazi awukwazi kepha asivumelane ngokuthile.”

Dani:”Ngilalele.”

Dumi:”Uma uphuma la hamba unomphela mabakuboxer futhi ungezi uye ekhaya.”

Dani:”Ngobani?”

Dumi:”Kumele uzazi ume kuphi mntakwethu wena uyamuthanda umyeni wakho ngeke ngiqophisane ngalokho mina kanti nalokhu esikwenzayo makungavela nawe uzofana naye ngoba ukungathembeki.”

Dani:”Ungibonisile ukuthi uthando ngaphandle kokuthembeka alusebenzi mina angijabulanga emshadweni wami.”

Dumi:”Awujabulanga emshadweni hamba uyokwenza indlela yokuthi ujabule noma phuma kuloyo mshado. Phela kanje uzothi uma unenkinga uze kimi uzopholisa ikhanda ngeke usasibona isidingo sokuphila impilo eqondile.”

Agobe udebe lwangaphansi uDanisile

Dumi:”Kubuhlungu kepha iqiniso.”

Dani:”Ngiyabonga kukubona yazi.”

Dumi:”Awufuni ukuthi uyabonga ngokungishayisa?”

Bahleke futhi avuke uDumsane kusale kukhala ucingo lwaDanisile.

Dani:”Baba.”

Abheke emuva makabona ukusaba kuDanisile ajike azohlala celeni kwakhe amubambe isandla esisodwa.

Khoza:”Ukuphi?”

Dani:”Ahm ngisendlini baba.”

Khoza:”KUPHI DANISILE KUPHI?”

Dani:”Kwami baba.”

Khoza:”Lalela la ungizwisise ngoba ngeke ngiziphinde ngikufuna la lingakashoni ilanga lanamuhla, LA DANISILE.”

Avale ucingo lwakhe

Dani:”Ubaba uyazi angikho.”

Amuhage uDumsane

Dumi:”Ufuna ngikuphelezele?”

Dani:”Cha ngizoba kahle ngizothi bengisehhotela umama angaphoxeka kabi.”

Dumi:”Kulungile.”

Bavuke bazilungise baqede bahambe

Dumi:”Ngizizwa ngathi ngiwumfana omncane bengikuvalele ungasayi eskoleni sacetshwa.”

Ahleke uDani

Dani:"Nami kodwa noma ngingayithola induku nale ngiyitholile ngazidelisa."

Amubambe phambili athuke uDumsane

Dumi:"Wena ugangile maaan ufuna ngijikise imoto?"

Dani:"Noma ingajika angazi noma bazongivalela ekhaya ngingaphinde ngikubone."

Babhekane amoyizele uDanisile abheke emuva uDumsane ajikise imoto ngokushesha babuyele endlini. Kwehlike uDanisile kuqala bangene sebephuthumana baqabulana bangasafiki nasegunjini bazijabulise khona la ekhishini. Mabaqeda basulane kahle futhi bagqoke babuyele emotweni. Ashayele ngokuthula uDumsane balalele umculo abakhulumi yilowo nalowo uzicabangela ngosizi lwakhe.

UDumsane uyabona ukuthi uyamthanda umyeni wakhe akafuni ukubahlukanisa kodwa makanaye uyajabula. Uze azicabange sekanengane noDanisile kudala ahalela ukuba nengane. Manje ukuba noDani sekwenze leso sifiso sikhule.

UDanisile yena ucabanga ukuthi uyayibona impilo yakhe akukho la eya khona ukhathele ukuba isidlalo sikaNsizwa. Abazali bakhe bahlala bamuncenga makathi uyamushiya buka manje ubaba wakhe uze wathembisa ukuthi makaphuma esibhedlela uzomusiza kepha inkinga nayi noma angamusiza kuyafana akasafuni ukuba noNsizwa.

Dani:"Ntuli."

Dumi:"Mmmm."

Dani:"Ngicela ungilinde."

Dumi:"Ngikulinde kuphi?"

Dani:"Ngiyakwazi okumele ngikwenze ngicela ungilinde ngiyozilungisa."

Dumi:"Manje mina mangikulinda bese wena ubuyela kumyeni wakho ngenzenjani."

Dani:"Ngeke kwenzeke lokho kodwa vele kumele ngikhulume naye ukubuyela kuye cha noma ngabe uloyiwe njengokusha kukababa wakhe."

Dumi:"Mangabe udlisiwe masekuphuma lento nizothandana futhi. Mina ngizobe ngilindile ngapha nginethemba."

Dani:"Ngeke ngikwenze lokho."

Dumi:"Ngitshele mina ngikulinde ngaliphi igama? Akufani nokuthi ngikulinda ngoba uyangithanda awazi okumele ukwenze, ngikulinda ngoba uthanda umyeni wakho awufuni ngisuke kuwe ngoba ngikujabulisa. Cha ngeke ngikuthembise into engiyibonayo nami ukuthi ukudlala ngami."

Dani:"Okungenani ngicela ungalali namuntu Dumsane."

Dumi:”Dani khohlwa indoda wena ngathi ususaba ukuba wedwa zilungise wena kuqala uma thina kumele sibe ndawonye kuzokwenzeka ungenzi izinto ngamawala.”

Amulayele afike ayimise esangweni aphinde asuke futhi

Dumi:”Awukwazi ukwehla emotweni phambi kwesango likababa wakho.”

Sekuqala ukuhwalala kepha kusakhanya ayoyimisa ngasenkundleni nje la abantwana badlala khona kepha manje bayahamba. Babhekane uDumsane amuphulule izihlathi asondeze ubuso amuqabule. Makaquma kancane uDanisile aheheke aphinde aqume emlonyeni wakhe. Azehlise ibhlukwe uDanisile akhumule iphenti abuye azohlala phezu kwaDumsane. Makamudlalisa esithweni sakhe athuke uDumsane amubheke

Dani:”Yini?”

Dumi:”Umanzi.”

Dani:”Kubi?”

Dumi:”Cha ngithuswa imizwa engikuyo singathintenanga kakhulu kanti nakuwe kunje.”

Azibambe amungene baqume bobabili bagange lapho baze baqede bahlale babukene.

Dani:”Ngehlise la ngizozikhuphukela.”

Dumi:”Ngizokubheka.”

Azilungise agqoke iphenti lakhe baqabulane futhi amuqinise isandla uDumsane aphume emotweni uDanisile. Amulandele kancane ngemoto aze ayongena egcekeni andlule inhliziyo ishaya kabuhlungu kuDumsane ngoba akazi noma usayophinde amubone na.

UDanisile makangena kubo nesikhwama bamubuke abazali bakhe

Dani:”Sanibonani.”

Asukume uKhoza athi uyamufulathela umushiya lapho alahle isikhwama sakhe uDanisile ayoziphosa ezinyaweni zababa wakhe. Akakwazi ukumduba futhi angamukhulumisi ngeke akhone yena.

Dani:”Babami ngicela ungangithukutheleli bengise hhotela ngoba ngingafuni ukuba wuhlupho.”

Khoza:”Lomfana ukushaye wakulimza wena wangasibona isidingo sokuzokhala kubazali bakho?”

Dani:”Bengingafuni kunikhathaza baba ngoba kuningi okwenzekayo ngiyaxolisa Mkhathini ungangudubi.”

Khoza:”Umawakho wakutshela ukuthi ubhuti wakhe uyalobola ubungezi ngani?”

Abheke phansi uDani.

Khoza:”Noma nawe ufuna ukundinda njengabo bhuti bakho?”

Dani:”Cha baba bengithi ngenza kahle kanti ngiyona ngicela uxolo Mkhathini.”

MaKhoza:”Danisile nani kodwa hhayi.”

Dani:”Ngiyaxolisa mama.”

Khoza:”Kulungile mntanami awazi ngithuke kanjani mangizwa ukuthi ukushayile.”

Asukume ahage ubaba wakhe aye nakumawakhe amuhage.

Dani:”Ngisayobeka isikhwama sami.”

Aye egunjini lakhe ageze makasagqoka kungene umawakhe ahlale phezu kombhede abheke indodakazi yakhrme.

MaKhoza:”Ubuya kuphi Dani?”

Dani:”Ehhotela ma ngishilo.”

MaKhoza:”Ngiyathemba ubuwedwa lapho.”

Dani:”Mama ngingaba nobani ngoba anginabo ngisho abangani.”

MaKhoza:”Ubungayanga nalomfana kaNkosi?”

Dani:”Umfana kaNkosi?”

MaKhoza:”Yebo ungizwe kahle ngayibona indlela ayekubuka ngayo.”

Dani:”Mama ungangicabangela okunje ubona umshado wami uphelile.”

MaKhoza:”Uma ulokhu ubaleka njalo manixabana uzowulwela nini umshado wakho?”

Dani:”Ngeke ngisawulwela ngiyawuyeka mama ngikhathele.”

MaKhoza:”Uqale nini ukukhathala?”

Dani:”Mama.”

MaKhoza:”Dani umkhwenyane abe la azokufuna ubaba wakho wamuxosha indlela ayiyo hayimaan iyazinonakalela akahambi yedwa. Uyakuthanda umkhwenyane ngoba uyakhona kukucabanga noma ephakathi kwezinto.”

Dani:”Mama ngiyayizwa indaba yokugangwa kepha iqiniso nali azoze agangwe umyeni wami nguye omeme lentombazane ngalokungathembeki kwakhe. Mama mina angiyazi injabulo ngihlala ngithola imilayezo ebuya kumantombazane amanye asho ukungiqeda. Hayi ma ngikhathele angisafuni ukulwa manje ngifuna ukubheka impilo yami.”

MaKhoza:”Akukwazi kuthi izingane zami ezimbili zingahlukanisa, wena ilwa sesi ngakutshela ukuthi ukhuleke.”

Dani:”Mama ngizosifaka isehlukaniso kusasa makusa nje ngiya kuba mmeli.”

Kungene uMsizi abelokhu abalalele emnyango

Msizi:”Dade umama uqinsile.”

Dani:”Wena kumele ngabe uyazwisisa ukuthi kunjani ukungajabuli emshadweni bhuti.”

Msizi:”Mudivose masekakahle hhayi manje.”

Dani:”Akahle kanjani?”

Msizi:”Umyeni wakho yebo uqale ukuthandana nalentombazane asemqondweni wakhe kepha manje akazi okwenzakalayo. Muphakamele wena umufunele usizo kuphume lento abe semqondweni wakhe bese uyamuyekake noma uqhubeke naye inkinga ayikho ngizokusiza.”

Dani:”Ngizomfunela kuphi usizo?”

Msizi:”Umkhuleko ngane kama ukhulekele konke okusendlini ukudla okuthengiwe kancane kancane izophuma lento noma ngabe ikuphi futhi iyini.”

Kukhale ucingo lwakhe umamezala wakhe acasuke

MaKhoza:”Phendula.”

Aluthathe

Dani:”Mama.”

Kuzwakala ukukhala ngale athuke uDanisile

Dani:”Mama kwenzenjani?”

MaKhumalo:”Ubaba sekashisiyile umyeni wami uwufulathele lomhlaba ngane yami.”

Athuke uDanisile naye abe nobuhlungu phela uKhumalo wayemulwela amuthatha njengengane yakhe. Bavalelisane abatshele ukuthi uthini uMsizi acabange uSbongile

Msizi:”Uzofuna ukuya?”

Dani:”Ngithukile bhuti ngizoya kusasa ithi ngilale.”

Abashiye agijimele emotweni ahambe……

***ISIQEPHU 55***

***MAKHUMALO***

Khethiwe:"Sisi lala manje."

MaKhumalo:"Yebo bengifuna umyeni wami ahambe vele kepha hhayi ngalohlobo bekumele alungise indodana yami kuqala."

Khethiwe:"Awucabangi ukuthi ugadlile ugogo sisi?"

MaKhumalo:"Cha ugogo ngamutshela ukuthi agadle sekaphumile esibhedlela."

Khethiwe:"Mhalwumbe nguyena sesi angithi uthe udokotela uyamkhipha namuhla."

MaKhumslo:"Asambe ngifuna komubuka."

Bagqoke izimpahla ngoba bese balungiselela ukulala, bahambe.

Khethiwe:"UNsizwa akakalubambi ucingo?"

MaKhumalo:"Ngishayele lesilima somkakhe ngithembe yena ukuthi uzofika azokwazi ukududuza uNsizwa. Ugogo uthe ukufa kwababa kuzobasondelanisa."

Baqonde esibhedlela ushayela ngesivinini umaKhumalo

Khethiwe:"Yehlisa ijubane sisi."

MaKhumalo:"Akakwazi ukuhamba uKhumalo sisi."

Khethiwe:"Yehlisa umoya indodana yakho izoba kahle."

MaKhumalo:"Nalomkakhe yisidwedwe nje yingakho uNsizwa abenza zonke lezinto namantombazane nxxxxx. Ukhona umuntu okhishwa umuthi emzini wakhe kodwa hayisuka bekumele naye aye kweyakhe inyanga kuhlanganwe phezulu."

Khethiwe:"Kahle sisi bo."

Bafike esibhedlela behlike baqonde emakhazeni wakhona bacele ukungena.

Mabhalane:"Akungenwa ngalesikhathi mama ngicela nibuye kusasa emini."

MaKhumalo:"Angikhoni ukulala umyeni wami lo olele la."

Mabhalane:"Ngiyazwisisa ma kodwa."

MaKhumalo:"Ntombazane uyabazi ubuhlungu engikubo."

Abone umabhalane ukuthi ngeke bamuyeke athalaze bese uyovala umnyango awukhiye.

Mabhalane:”Ngilandeleni.”

Bamulandele abafake la akhona uKhumalo bamangake ulaliswe kuletafula lakhona.

Khethiwe:”Kungani angekho elayini lakhe?”

Mabhalane:”Izinyawo zisashisa kanye nezandla.”

MaKhumalo:”Lokho kusho ukuthini?”

Mabhakane:”Angazi mina ngazi nje ukuthi akavalelwa elayini asashisa.”

Bangene umaKhumalo amuthinte izinyawo ngempela zishisa bhe kanye nezandla. Baphithane amakhanda kodwa akukho abangakwenza futhi babuyele emuva banemibuzo eminingi. Akhiphe ucingo umaKhumalo ashayele ugogo.

Gogo:”Khuluma.”

MaKhumalo:”Ngiyabuza ukuthi umnikelo ubusuwuthathile na?”

Gogo:”Kanjani ngoba mina ngilinde izwi kuwe.”

MaKhumalo:”Ngibuza nje ngoba umyeni wami akasekho emhlabeni.”

Gogo:”Hayi kahle maKhumalo kahle mina manje sengiqede nokuhlanganisa izinto la.”

MaKhumalo:”Ngibuya kuyomubheka gogo ushisa izinyawo kanye nezandla kepha akasaphefumuli.”

Gogo:”Iyoooooooooo ngiyeza kusasa lapho kwakho, uyazazi izilwane masezilungiselelwe azijiki zizophuma zilande umphefumulo.”

MaKhumalo:”Zingalinge zisondele kwindodana yami.”

Gogo:”Umzukulu wakho yena?”

MaKhumalo:”Naye ngifuna aphile.”

Gogo:”Hhey ntombazane angidlali la khuluma ukhumbule kufuneka uKhumalo.”

Amoyizele umaKhumalo

MaKhoza:”Gogo ikhona ingane esingayazi eyakhe uKhumalo besekazimisele ukuyifuna ngendlela engazi ngayo umyeni wami nginesiqiniseko besekayitholile abefuna kubona mina ngizothini.”

Ahleke ugogo ngephimbo elibi

Gogo:”Uyakhulumake manje kodwa sekumele kungcwatshwe lo izilwane zizokwazi ukwenza umsebenzi omuhle azikwazi ukusebenza kube kunesidumbu emndenini esingakangcwatshwa.”

Gogo:”Ngizaguduza izinto zikababa mhlawumbe ngizothola umkhondo ozosiholela kulengane yolahleko.”

Gogo:”Ungakhathazeki ngoba lezilwane zami zizomufuna zize zimuthole.”

MaKhumalo:”Uma zimuthola ngisazothola ingcebo njengokusho kwasho ngegazi likaKhumalo?”

Gogo:”Uma kuyingane kaKhumalo leyo uzoyithola ephuphumayo futhi.”

MaKhumalo:”Ithi ngilale kusasa kumele ngikhale abantu basazoza.”

Gogo:”Akubenjalo.”

Aluvale babukane nosisi wakhe

MaKhumalo:”Uyazi ngiyazibuza ukuthi ubani lo ofuna ukusebenzisa uKhumalo na.”

Khethiwe:”Ingabe ugogo ushilo na ukuthi ubulewe?”

MaKhumalo:”Lezinyawo ezishisayo zisho ukuthini Khethiwe?”

Khethiwe:”Asiphumule sisi iviki lisazobalide.”

MaKhumalo:”Siyoyicela ivuthiwe le.”

Bazilungise ukuthi balale….

***__KWAMAMYOLI__***

MamYoli:”Namuhla awulandwa?”

Sbo:”Mama hayibo awusafuni kulala nonana wakho.”

MamYoli:”Uyangifuthezela maan.”

Sbo:”Okusalayo uyangikhumbula mangingekho.”

MamYoli:”Kulonyaka uzowungenela umhlanga?”

Sbo:”Ngiyazi ungibuza ngoba ucabanga ukuthi angisasiyo intombi?”

MamYoli:”Ngiyakuthemba nana, angithandi uwungenele kulonyaka.”

Sbo:”Ngobani mama?”

MamYoli:”Uyazi bengivaleke amehlo yonke leminyaka ngilokhu ngikuyisa khona, manje ngiyazwisisa ukuthi  umzimba wakho lo.”

Sbo:”Kukhona engifuna kumukhukhumeza kuthi uzoshada nentombi.”

MamYoli:”Hhayini ukuhlanya wena ufuna ukungenela uSinalo?”

Sbo:”Akukho kahle?”

MamYoli:”Yenzela wena.”

Sbo:”Mama kudala ukhuluma nami ngisakhula ukuthi ngingabeki indoda phambi kwenjabulo yami namanje kunjalo. Lokhu ngifuna kukwenza kuthi ajabulenyana.”

MamYoli:”Ohhhhhhh.”

Kubekhona okokodayo emnyango

Msizi:”Yimina bo vula.”

Babukane phela akakaze eze angabikanga futhi akubi ebsuku ngalohlobo, balandelane uSbongile agqoke igown bayovula umnyango. Angene amehlo akhe ahlale kuSbongile ababone ukuthi abazi, azibambe okhalweni ngesandla esisodwa.

Msizi:”Ngiphe amanzi.”

Amukhelele uSbongile awaphuze aqede ingilazi yonke adonse umoya.

Msizi:”Nana ngize kuwe kodwa ngicela ukukhuluma nomawakho kuqala.”

Abashiye uMsizi abheke isthandwa sakhe

MamYoli:”Uyasithusa Maizi kwenzenjani.”

Msizi:”UKhumalo ushonile.”

Abeke isandla emlonyeni anikine ikhanda

Msizi:”Kumele umtshele manje ngoba uKhumalo bekaziwa singavuka seyigcwele emaphepheni.”

MamYoli:”Angazi uzophatheka kanjani kepha ngiyasaba kumtshela.”

Msizi:”Mubize sizomutshela sobabili.”

Amubize umawakhe asondele uSbongile mudala ayicabange lento ngoba ubaba wakhe usesibhedlela kepha ngabonisi kuthuka phela noma asesibhedlela uya njalo komubona uyalulama nsuku zonke. Sekaze ukhishiwe kulewodi labagula kakhulu, uMsizi amubizele esihlweni esiduzane naye umawakhe amubambe izandla.

Msizi:”Nana ubaba wakho sekandlulile emhlabeni.”

Sbo:”Kanjani ngoba izolo abekahle?”

Msizi:”Ziyenzeka lezinto sesi kodwa bonga ngoba uNkulunkulu ukuphile ithuba lokuthi umazi, nibonane.”

Abheke phansi uSbongile

MamYoli:”Uzizwa unjani ngalokhu?”

Sbo:”Ngiyamangala mama kuthi impilo yami yonke angina baba uqhamuka sengimudala ngingaka kodwa ngijabulile. Manje ngisajabulile nje sekayamuthatha yena.”

Msizi:”Akekho ozovala isikhala sakhe kepha mina nomawakho sikhona.”

Athule zilwe izinyembezi kuthi zehle kodwa azivimbe asukume ayongena engubeni, afise kubiza uSinalo kodwa azibambe. Ngale uMsizi asukume

Msizi:”Hamba uyoba naye ngizonibona ekuseni.”

MamYoli:”Ngiyabonga ngokuzihlupha uze la.”

Msizi:”Nina niwumndeni wami ngiyanithanda.”

Amuhage baqabulane aphume makafika emotweni athi uyagibela ivumbuke intombazane futhi.

Msizi:”Eish.”

“Igama lami ngiwuNhloso ngiphucwe ukuphila kunocingo lwami oluphansi kwekasi lezimpahla egunjini elibhekene nendlu encane phezulu umnyango wakhona uhlukile unesibambo esiyigolide.”

Msizi:”Ikuphi leyondlu?”

Nhloso:”La kuhlala khona umfowenu omncane emzini kababa wakho emakhaya umakhelwane leyondlu. Ngisize ngisize NGISIZEEEEEEE.”

Abheke emuva uNhloso athuke futhi ngathi ikhona lento ehlala imulandela imuthusa angene emotweni ngokushesha uMsizi akhuleke. Aqede sekezwa ukuthi uyedwa asuse imoto. La endleleni uhamba uyacabanga uyazama ukukhumbula ukuthi ikuphi kababa wakhe konje……

***ISIQEPHU 56***

***LWAZI NO CEBILE***

UCebi usegcekeni uyahamba hamba ngoba uyazizwa izinyawo zakhe manje kodwa kusebuhlungu. Abuye ayohlala esihlalweni sakhe abheke uNozibusiso udlala nezingane zenkosi. Aphinde asukume futhi ahambe sekunzima kakhulu manje makathi uyohlala phansi isihlalo sakhe asikho la besikhona athalaze.

“Qhubeka buya sihambe.”

Makaphakamisa amehlo indlovukazi yesizwe akayazi kepha uyayibona ngoba izithombe zakhe zigcwele la ebukhosini phakathi.

Cebi:”Ohhhh ahm sawubona ndlovukazi.”

“Igama lami uPhumelele.”

Cebi:”Ngingu Cebile.”

Phumelele:”Ungahlala iyangichaza indlela oziphusha ngayo kuthi uhambe futhi.”

Cebi:”Ngiyabonga sengikhathele ukuhlala futhi nginamahloni ngoba umyeni wami wenza konke.”

Phumelele:”Umyeni wakho utshele inkosi ukuthi ukhulelwe.”

Cebi:”Kunjalo ma.”

Phumelele:”Ingane yakho yokuqala le uzomdinga umawakho, maniqeda ukulungisa indaba yalentombazane buyelani ekhaya.”

Cebi:”Ahm.”

Phumelele:”Asinixoshi kepha nibukeka nisebancane anikwazi ukwenza imindeni yenu izitha. Umyeni wakho uyakuthanda angenza noma ngabe yini kuthi akuvikele kepha uyindoda ezinye izixazululo eza nazo azikho kahle wena njengenkosikazi yakhe kumele umubonise.”

Cebi:”Ngiyezwa ndlovukazi.”

Phumelele:”Kulungileke sesi uma ufuna ukuphumula ungayishiya indodakazi yakho uyophumula ngibona ngathi awufuni asuke emehlweni akho.”

Cebi:”Emva kwalezinto bezenzeka ngiyasaba.”

Phumelele:”Kanti la uphephile kodwa ngiyazwisisa.”

Cebi:”Ngiyabonga ndlovukazi.”

Abheke ophansi uCebi ucabanga umawakhe manje ufikelwa nawusizi

Phumelele:"Ukahle?"

Anikine ikhanda abhekise ikhanda phansi indlovukazi ithume oyedwa kuthi eze namanzi, asondele kuye kakhulu.

Phumelele:"Konke kuzolunga."

Cebi:"Uyazi bengiziba indlela engimkhumbule ngayo umama kodwa manje ku."

Phumelele:"Makabuya umyeni wakho ukhulume naye umucele ufuna kumushayela."

Avume uCebi imushiye indlovukazi asale sekakhumbula ekhaya kakhulu abize uNozibusiso. Ujabulile ukhipha nalohleko lwengane udlala kamunandi.

Cebi:"Asambe siyophumula kancane."

Nozi:"Mama mina ngiyadlala nje?"

Cebi:"Ngiyazi sesi kodwa ngiyasaba kukushiya la."

Nozi:"Usaba lowa sesi ongakwazi ukuhamba kahle?"

Cebi:"Muphi usesi?"

Nozi:"Lo ohamba angabeki izinyawo zakhe phansi?"

Cebi:"Umubonile la?"

Nozi:"Cha ngamugcina le."

UCebi uyazibuza ukuthi kwenzakaleni ngomamPhindi kukhale ucingo abalisebenzisa noLwazi.

Cebi:"Hellow."

Lwazi:"Nkosazana."

Cebi:"Hey."

Lwazi:"Ukahle?"

Cebi:"Ngikahle."

Lwazi:"Ngizobuya ntambama uyezwa."

Cebi:"Ngizobona ngawe."

Lwazi:"Uphumule lapho ngiyakuthanda."

Cebi:"Nami ngiyakuthanda, ukuphi wena uphephile la okhona?"

Lwazi:"Ngiphephile ngihamba nenkosi kuzobheka amalahle."

Cebi:”Haaaaa uye ekhaya?”

Lwazi:”Cha ngisendaweni yami yamalahle ngeke ngiye emndenini ngaphandle kwakho.”

Cebi:”Ithini inkosi ngamalahle?”

Lwazi:”Ijabulile masifika lapho uthe sosayinda inkontileka sekamutshelile nommeli wakhe kuthi ayilungise. Sthandwa sami akusilo iphutha ukuza kwethu lapho.”

Uyalizwa iphimbo lenkosi ngale ngathi ukhuluma nezisebenzi.

Lwazi:”Ngiyabuya sthandwa sami phumula.”

Cebi:”Usheshe ngikukhumbulile.”

Lwazi:”Kulungile.”

Cebi:”Lwazi umamPhindi

Lwazi:”Ngizokubona manje sthandwa sami sesiyeza.”

Avale ucingo lwakhe indlovukazi ibuye futhi seyigqoke ilokwe elimhlophe yashiqilela nasekhanda. Ulandelwa izisebenzi ezimbili ziphethe okuthile ifike imuphushe indlovukazi baye kwenye indlu ewurondo kodwa yinhle.

Phumelele:”Kukhona ofuna ukuxhumana nawe.”

Cebi:”Kanjani?”

Phumelele:”Mina nginesipho sokukhuluma nabangasekho uma kukhona ofuna kuxhumana nawe bayaziveza kimi. Namanje kukhona ofuna kuziveza.”

Cebi:”Kuyathusa.”

Phumelele:”Ungesabi ngoba ngikhona bangene kulorondo sebabeka amakhandlela wonke amhlophe bamusize angene phakathi kwawo bahlale babhekane. UCebi uyayibuka indlovukazi ngendlela elunge ngayo yinhle futhi. Avale amehlo asho umkhuleko

Phumelele:”Cebile ufuna kumbona noma uyasaba?”

Cebi:”Angazi mina ndlovukazi mangabe uyasabeka ngicela angazivezi.”

Amoyizele uPhumelele aphinde akhuleke into engezwakali kube nomoya obandayo asathalaza nje kuvele umamPhindi ugqoke izimpahla ezimhlophe kuyakhanya kuye. Azame kusukuma kepha ahluleke.

Cebi:”Mama.”

Amoyizele uyakhazimula kakhulu namehlo acwebile

MamPhindi:”Mntanami.”

Cebi:”Sifake impilo yakho engozini.”

MamPhindi:”Cha uyabona umuzi wababezala wakho awuhlali muntu mina mangizwa ukuthi niyeza ngihambile ngayonihlanzela lekhaya. Masengibona ukuthi niyangibona ngajabula ngahlala nani.”

Cebi:”Usho ukuthini?”

MamPhindi:”Mntanami mina angisaphili kulomhlaba kudala ngahamba manje bengithole ithuba lokuthi ngizolungisa engakushiya kubheda. Akekho umuntu abengibona kodwa nina nangibona ngajabula. Mntanami ngize empilweni yakho isikhashana nje ngizokubonisa indlela yokukhuleka ngoba kunzima emshadweni usazohlangana nokuningi kepha uma unalesikhali engikunike sona akukho okuzophazamisa umshado wakho.

Cebile usesi wami omdala uyagula, ubanjwe iqiniso nezenzo zakhe nguwena ozomukhulula ngokuthi umulethele amadodana akhe amabili. Enye yalamadodana umyeni wakho uyazi angithi akazalwa umaKhoza?”

Cebi:”Yebo ngiyazi ma.”

MamPhindi:”Hamba  uyomusiza uhlala kulekheli.”

UPhumelele athathe ipheshana nepen ezintweni zakhe ngathi bekazi ukuthi kuzodingeka. Abhale lokhu okushiwo umamPhindi

Cebi;”Lokho ngeke kuxabanise umndeni kulwise umama le ekhaya?”

MamPhindi:”Ngeke khululeka.”

Alithathe ipheshana

MamPhindi:”Yikona ebekumele ngikulungise lokhu, sekusezandleni zakho manje usale kahle.”

Ahambe asale amangele uCebi.

Phumelele:”Ngiyazi la ahlala khona uyagula kudala ehanjiswa kubodokotela kodwa akalulami. Kwathi makushona usesi wakhe lo izinto zamubhedela kakhulu empilweni.”

Cebi:”Mina ngizothini kuLwazi?”

Phumelele:”Asambe kungakahlwi.”

Bamusize ngokuyohlala esihlalweni samasondo futhi baphume uPhumelele ahambe ayoshintsha. Bagibele emotweni kanye noNozibusiso bahambe.

Phumelele:”Uyazi sisi uma ushada kunezinto ozifica emzini ezingalunganga kahle, wena umsebenzi wakho akusikho kuya kumawakho uyohleba ukuthi uzilungise. Uma zingalungi kuzoba yilapho uncenga uMdali ukuthi akusebenzise ulethe ukukhanya emndenini womyeni wakho. Akubalekwa sesi ungaphinde ubaleke.”

Cebi:”Ngiyezwa ma.”

Ihambe imoto maseyima athalaze uCebi yehlike indlovukazi umshayeli asize uCebi ngokuhlala esihlalweni bangene. Kuhlanzekile nje bahlangatshezwe usesi omdadlana kuCebi angalingana nendlovukazi uCebi osomulinganaisayo. Kunemoto encane egcekeni

“Sanibonani, ndlovukazi yesizwe.”

Phumelele:”Unjani? Sizobheka uma?”

“Kulezinsuku akalali mama akajabulanga sekakhala njalo manje angisazi ngimusize njani.”

Phumelele:”Cebile ngena uzobona ukuthi ukhuluma naye njani ijokwe lakho leli.”

“Iza ngapha.”

Amuphushe uNozi makamulandela amubambe ngesandla, ulele phansi lowesifazane uyacula kancane ingoma ezwakalayo ukuthi igcwele usizi.

“Mama kukhona ozokubona?”

“Indodana yam? Amadodana ami yiwona lawo?”

“Cha mama kepha naye uzele kuzokusiza.”

“Usuyile edolobheni Nokuthula amaphilisi ami ayaphela?”

Nokuthula:”Ngizoya kusasa kumele ngivuke ekuseni kakhulu ngiyasaba ukushayela lapha kuyaphithizela.”

“Usebenza khona nje?”

Nokuthula:”Ngihamba ngemoto yomsebenzi bayasilanda basibeke emakhaya, mangiya esontweni iselokishini akuphithizi kakhulu.”

Athule uNokuthula aphume naye

“Asazi uzongisiza kanjani ngizoke ngibone, ngisizeke.”

Asale noNozibusiso uCebi elokhu ethalaza.

Cebi:”Sawubona mama.”

“Ngibize ngo Senzi ungalinge uthi mama kimi ngoba abekho okumele basho.”

Cebi:”Ngiyaxolisa Senzi igama lami uCebile wakwa.”

Athule kancane

MamSenzi:”Awuzazi wakwabani?”

Cebi:”Ngiyazazi ukuthi angazi ngikutshele isibongo sami sokuzalwa noma sasemzini.”

MamSenzi:”Ngitshele esokuzalwa amadoda adelela kabi masozibiza ngesibonga sawo, azoqala ajole ahambe ezalisa la ngaphandle. Uyazi Cebile ukube nginengane yentombazane bengeke ngiyivumele ishade. Amadoda izinja kodwa amadodana ami ngiyathemba akhula kahle.”

Cebi:”NgingowakwaNkosi.”

Aphakamise amehlo ngokushesha sonke lesikhathi abengamubhekanga abekhuluma abheke phansi. Azwisise kuthi kungani angamubheki uneso elilodwa, esihlathini ugubhekile ngathi walimala. UNozibusiso avale amehlo aqamele kuCebi.”

MamSenzi:”UNkosi muphi mntanami?”

Cebi:”Mama ngiyaxolisa mamSenzi ngivakashelwe umamPhindi.”

MamSenzi:”Habe kanti uyahlanya phuma la kwami.”

Cebi:”Ngiqinisile ma nguyena ongithume la kwakho.”

Aphakamise iphimbo

MamSenzi:”Ngithe phuma kwami.”

Cebi:”Ngishade nendodana yakho uLwazi Khoza.”

Abiphe umamSenzi azame kuphakama kodwa kubenzima amubheke uzinyembezi zehle ngathi kuvulelwe umpompi.

MamSenzi:”Yasho ingane kama ukuthi ngeke iphumule ingakatholi amadodana ami, mntanami ushade noKhoza uphi unjani. Uhamba naye na? Biza uNokuthula azongigeza angishintshe kahle indodana yami izongibona, Nokuthula.”

Cebi:”Senzi okwamanje ngiyishiyile indodana yakho bengifuna kuzokubona kuqala ngenze isiqiniseko sokuthi nguwe ngempela na.”

MamSenzi:”Ugane indodana yami ungangibizi ngegama wena makoti.”

Amoyizele uCebi ngoba abemuthethisa manje amubiza ngomama.

Cebi:”Nayi indodakazi yendodana yakho uLwazi.”

Amubheke umntomdala uyazazi ukuthi unjani ebusweni ingane le angafuni kuyithusa akhale umamSenzi.

Cebi:”Ngiyafisa kusondela kuwe ngikuthulise.”

MamSenzi:”Ulinyazwe yini?”

Amehlo akuNozibusiso izinyembezi zisehla esweni elilodwa.

Cebi:”Into encane kodwa sengiyaqala ukuhamba hamba manje.”

MamSenzi:”Unjani uLwazi?”

Amoyizele uCebi

Cebi:"Uyindoda eqotho ma uyamazisa umuntu omdala unothando futhi, iphimbo liphansi."

MamSenzi:"Unjani makathukuthele?"

Akhumbule mhla ashaya bobhuti bakhe

Cebi:"Ngeke umuthande angathukuthela la."

MamSenzi:"Cebile mntanami ngazizwa ngiphola ngaphakathi ngingakamboni kwayena."

Cebi:"Ukahle usaphume nenkosi bayobuka amalahle akhe uzoza kaningi nje la."

MamSenzi:"Ayahlupha amalahle kulendawo vele selokhu ngafika la kuphela kwento ecasulayo."

Cebi:"Ohhhhh umama bekangahlali la?"

MamSenzi:"Cha ngineminyaka emihlanu ngifikile la bengiqalwa ukugula ngezwa ngobhuti wenkosi kuthi uyalapha. Nguyena owangitshela ukuthi ngicinge amadodana ami yiwona angicindezelayo."

Cebi:"Hawu mama bandla."

MamSenzi:"UPhindi wahamba waze wahlangana nomuntu owamuthembisa ukumuyisa kubaba walo omncane. Wamuyisa kwenye indlu engahlali muntu kepha ihlanzekile ngoba inomgadi. Wafike wamudlwengulela lapho wamuvalela unyaka wonke singamutholi. Uthe masekakhathele nguye wamubulala."

Cebi:"Umgadi walendlu wayengaboni na?"

MaMsenzi:"Cha wagcina acela yena ukuthi ahlale kuyo amubhekele ngoba uhlala angekho. Wakhululeka kanjaloke umdlwenguli samuthola lapho sekanuka nje."

Cebi:"Mama size ngapha noLwazi sifikele kulowo muzi wababa wakhe, samukelwa umamPhindi samubona kahle nje sisonke. Mina ngizwe namuhla ukuthi akasekho emhlabeni."

MamSenzi:"Ukufika kwenu ngiyacabanga kuwukhululile umoya wakhe, ngoba manje sofezekisa into afe azama kuyithola."

Cebi:"Ngiyaxolisa ma."

MamSenzi:"Ngidinga ukulala kancane mntanami uzokhona ukubuya kusasa?"

Kungene uLwazi amumangalele uCebi indlela agqoke ngayo uphethe nenduku babukane amubone lapho ukuthi akusiye uLwazi amehlo awafani kepha ufana noLwazi. Amubuke umfana angene kancane uNozibusiso ayoziphosa kuye.

MamSenzi:"Sizokhuluma kusasa sesi ungakhululeka."

Cebi:”Ubani lo mama ngoba ufana nomyeni wami?”

Akhale umamSenzi

MamSenzi:”Vusmuzi nayi inkosikazi yewele lakho.”

Athuke uCebile asondele uVusmusi aguqe phambi kwaCebi abambe isandla sakhe esisodwa amubheke.

Vusi:”Umfowethu unjani, umama uthi waphucwa yena sisebancane.”

Cebi:”Ahm mama ngizophinde ngibuye.”

Azame kuhluthula isandla sakhe uCebi ashawe uvalo nje asikwe nayisisu simsike aze amemeze asibambe. Bangene bagijima indlovukazi noNokuthula asukume kancane uVusi makamubuka futhi uCebi amehlo kaVusi sewagcwele izinyembezi kwehle eyodwa. Baphume naye .

Cebi:”Asambe Nozi.”

Vusi:”Uzobuya futhi?”

Angaphenduli uCebi abalandele uVusi

Vusi:”Ngiyaxolisa uma ngikuthusile okungenani ngicela ukwazi ukuthi ikhehla lisaphila na?”

Bangene emotweni uNokuthula abambe uVusi ngesandla kuthi akabayeke bahambe, ababuke uCebile imoto uze isithele.

Phumele:”Nikhulume nazwana nomama?”

Cebi:”Ngithukile ndovukazi ngizothini kumyeni wami, unewele?”

Phumelele:”Mutshele ngomawakhe indaba yewele uzozibonela njengawe uzibonele, uyabona kuningi okufuna usukume uhambe? Umndeni wakho usazoxabana uNokuthula uthi lomfana unentukuthelo emangazayo. Manje mabalandelela ilokuthi wahlukaniswa newele lakhe. Unokukhuluma amagama aziswana kuthi uyamuzonda unkosukazi kababa wakhe.”

Cebi:”Uzilungele lowa mama ngicabanga ukuthi abengazi bamawele abezobathatha bobabili, uyazi namanje makathola ukuthi akamuzali kwaba nzima ukukholwa ngoba umuphathisa okwengane yakhe.”

Phumelele:”Sebafikile naba.”

Mabehlika uyacabanga uCebile yingakho abantu bamubuka kangaka uLwazi kulesigodi, ubukeka ajabulile ume nenkosi nabanye ababili abafana nenkosi baphethe izingilazi. Bonke baphethe izingilazi esinye isandla sisekhikhini, uLwazi yedwa ongasifakanga. Imuphushe indlovukazi ibingelele.

Nkosi:”Usukhenkisa inkosikazi yomuntu ucishe wangiwisela ubukhosi bonke emubheka?”

Bahleke

Nkosi:”Inkosikazi yakhe le uCebsi.”

Lwazi:”UCebile.”

“Cha bancane labantu ndodana ubuchopho bakho buzokubeka ekudeni.”

Cebi:”Ngijabulela kunazi ngicela ukuyophumula.”

Amuphushe uLwazi bayongena egunjini labo, uCebi abone ukuthi uNozi akamunaki ubaba wakhe ngoba udidekile. Bafike egunjini

Cebi:”Ngifuna ukugeza hamba uyohlala nenkosi sizokhuluma mangivuka.”

Lwazi:”Unesiqiniseko?”

Cebi:”Yebo ungakhululeka sthandwa sam, ngiyakuthanda uyezwa.”

Lwazi:”Uthandwa yimi, phumulake nami ngizokuxoxela kuthi ngihambe kanjani.”

Cebi:”Obani laba abafana nenkosi?”

Lwazi:”Obhuti bakhe ubabizele lento yakulowa muzi uthi abantu ababoniswayo uThabo noMandla.”

Amusize ageze ngenkani yize angafuni ukusizwa uCebi amushiye sekazigcobisa alale. Manje uyafisa ngathi angakhuluma nomawakhe ukuthi enzenjani uNozi makangena amuthume kuthi abize ubaba wakhe. Amubize abuye yedwa

Lwazi:”Unani uNozibusiso?”

Cebi:”Ukhumbule ugogo wakhe, sthandwa sami ngikhumbule umama.”

Amoyizele uLwazi

Lwazi:”Bengazi luzofika losuku bashayele bonke vele sizobuyela emuva nami kuningi okungifuna ekhaya. UMsizi uyashada angikwazi ukungabi bikho lapho. Umuseshe kodwa ukuthi basaxabana na?”

Cebile:”Ngiyabonga Mkhathini.”

Lwazi:”Weeeee uzobanqunu manje ngokungibiza kanjalo.”

Ahleke uCebi aphume umyeni wakhe ashayele inombolo ingangeni azame kukhumbula inombolo kamawakhe kube nzima. Inombolo ayazi ngekhanda eyakaSinalo ngoba uhlala ashayela yena makafuna ukulandwa. Ayichofoze ikhale ayibambe ngokushesha afikelwe umuncu makezwa iphimbo labhuti wakhe, uyalizwa elamawakhe ngemuva.

***ISIQEPHU 57***

***KWANKOSI***

MamGugu:"Baba uyatholakala uCebi?"

BabMongezi:"Bengifuna kundlulisa ukukhumula kwakho ngizomubheka manje."

Sinalo:"Baba umama kudala akhumula."

BabMongezi:"Wena ulobola nini?"

Sinalo:"Ayyy nayoke into engixosha la ekhaya ngihambe ngiyobhloma emakhoneni."

BabMongezi:"Angithandi lengane ilokhu iza la kuncono uyilobole kube kanye ngoba ihlala la ekhaya."

Sinalo:"Ngifuna ukuya kuletour kuqala mangibuya ngizolobola."

BabMongezi:"Ufuna kuyolala nama china nabelungu kuqala bese uzomuvala ngokulobola?"

Sinalo:"Baba siyacula lapho kusho bani ukuthi kunabantu abalalanayo lapho?"

BabMongezi:"Ucabanga ukuthi angikaze ngihambe amatour mina, sasihamba nobaba wenu zonke lezindawo."

Amubheke umamGugu

MamGugu:"Benihamba kuphele amaviki ningabuyi kusho ukuthi benisuke nilele namachina."

BabMongezi:"Nganele kuhlangana nawe sayeka kuhamba lemicimbi."

USinalo ayinake nalento ayishoyo ubabakhe uyamubona akanakanga, uthi yena angakahlangani nomawabo, bekumele athi uMondli angakahlangani nawe. Amubuke bonke abanakile ngisho noNathi.

BabMongezi:"Yini manje wena wangibuka kangaka?"

Athule uSinalo abheke umawakhe bese ubheka eceleni

Nathi:"Kumele siphume baba sisodwa noma siyodoba izinhlanzi."

BabMongezi:"Awekho amadamu anezinhlanzi la."

Nathi:"Akhona kulomgwaqo obheke eSwalala."

BabMongezi:"Ohhhhhhh kuze kunezindawo zokulala celeni kwalelo damu, yinhle leyo ndawo."

Nathi:"Angazi ukuthi kunezindawo zokulala mina ngihlala ngibona badoba lapho mangindlula."

BabMongezi:"Komele sihambe sonke njengomndeni yinhle kabi leyo ndawo amagumbi phakathi."

MamGugu:"Ngake ngaya noMondli nami kukhona nezindawo zokudlala kumnandi."

Sinalo:"Baba wena uwazelaphi amagumbi akhona?"

Amubone ukuthi umubuza nje usemqondweni akuwo.

BabMongezi:"Ngathunywa ubaba wakho kuthi ngiyomubhekela ngoba wayefuna kumukisa umawenu."

Babukane nobaba wakhe

MamGugu:"Kanti kwenzenjani ngani nobabili?"

BabMongezi:"Lomfana uyadelela uyangikhohlwa, sthandwa sami ngisaya efemini."

MamGugu:"Ngingahamba nawe?"

BabMongezi:"Kulungile idla uqede ngisayolungisa amaphepha."

Nathi:"Usujwayele manje baba kanti nabasebenzi bayakuhlonipha, kodwa ngathi bakusaba kakhulu."

BabMongezi:"Angazi basaba ini ngoba angikaze ngithethise noyedwa nje."

Nathi:"Isithunzi."

Aqede umamGugu athi usayoshintsha amulandele ubabMongezi ayobuka amaphepha wakhe, mabasithela asukume uNathi.

Nathi:"Ngikutshelike ukuthi sizokhuluma nawe sinobaba asikho isidingo ulokhu umudelela kumele uxolise."

Sinalo:"Ngibonile nami ukuthi akasathandi ngihlushwa yilokho nje ngizozibamba size sikhulume."

Kukhale ucingo lwakhe inombolo angayazi aluphendule kuthuleke angakhulumi lowo kepha uyezwa uyaphefumula.

Sinalo:"Hellow."

………

Sinalo:"Ubani lowo?"

MamGugu:"Sinalo lezo zitsha uzigeze ngoba akezi namuhla umama."

Luvaleke ucingo

Nathi:”Mhlawumbe uCebile mushayele.”

Ayishayele lenombolo aphendule kepha angakhuluni

Sinalo:”Cebile nguwena?”

Makezwa igama lengane yakhe umamGugu asondele

MamGugu:”Ngane yami mangabe nguwe ngicela ukhulume, ngikukhumbulile sesi umama sekayikhumulile inzilo yakhe. Njalo mangigqoka ngiyakukhumbula masongikhumulisa ningitshele kuthi ngigqoke kanjani ninoAmanda.”

Akhale uCebi bamuzwe bonke ukuthi nguye asondele kancane ubabaMongezi afake ucingo embhobheni.

BabMongezi:”Sesi ukahle lapho okhona?”

Cebi:”Ngikahle baba nomama.”

Bajabule mabezwa iphimbo lakhe akhale umamGugu.

Sinalo:”Ufuna ngikulande ngizoza noma ngabe ukuphi.”

Nathi:”Ngizoza naye sesi sicela usitshele ukuthi ukuphi.”

Cebi:”Benginazisa ukuthi ngikahle ningamangali sahamba noLwazi ngoba besithukele ukuthi niyasihlukanisa.”

Nathi:”Ayisekho leyonto sixolisile sesi buyani ekhaya.”

Cebi:”Sizobuya kodwa kunento uLwazi ayilungisayo.”

BabMongezi:”Lomyeni wakho sekabone ithuba lokuqala ishishini lapho?”

Ahleke uCebi

Cebi:”Eya baba.”

Bahleke bonke

Nathi:”Ufuna ukwenzani lapho?”

Sinalo:”Ukudlala ngamalahle akukho okunye.”

Bahleke futhi

BabMongezi:”Mntanami akuhanjwa kanje ekhaya kumele ubuye nezinto zenu zizohamba kahle.”

Cebi:”Sizobuya baba makaqeda kuhlanganisa lekhontileka, bengicela kukhuluma nomama.”

Nathi:”Usuyasixosha thina?”

Cebi:"Ngimukhumbulile bhuti."

Sinalo:"Ningaqedi ibattery lami."

MamGugu:"Hawu kahle umona."

Aluthathe umamGugu aye egunjini lakhe amulandele ubabMongezi.

Sinalo:"Nonke manje niyohlanganyela ucingo lwami?"

Angamuphenduli ubabMongezi bangene avale umnyango bahlale phezu kombhede.

BabMongezi:"Faka embhobheni futhi."

Cebi:"Baba indaba yamantombazane."

BabMongezi:"Ngifuna ukuzwa nami mangabe uyakuhlupha lomfana ngizomunyisa."

Cebi:"Mama."

MamGugu:"Ukahle kuthi ezwe ubaba ngalento ofuna kuyisho?"

Cebi:"Akunankinga ma."

BabMongezi:"Khulumake sesi."

Abalandele konke okwenzekile kusukela ngosuku lokuqala nangomama kaLwazi kanye newele lakhe. Nokuthi akakamutsheli ngoba akazi enze njani.

BabMongezi:"Yooooo nibizelwe lenkinga lapho."

Cebi:"Mina angazi noma ngimutshele uLwazi na."

MamGugu:"Mntanami shayela ubabezala wakho umutshele sesi, asazi kungani babahlukanisa uma sotshela uLwazi bese kubhoboka izimfihlo zomndeni bazokuthukuthelela."

BabMongezi:"Uqinsile umawakho sesi uLwazi ubukeka anentuluthelo futhi unenhliziyo edubayo."

Cebi:"Uzongithukuthelela kuthi ngibize ubaba."

BabMongezi:"Ngeke akukwatele isikhathi eside ekugcineni uzozwisisa isizathu sokungamtsheli."

Cebi:"Ngiyabonga anginawo namanombolo ababa kuzomele ngiwacele kuye."

MamGugu:"Ngizokuthumelela nginawo sesi."

Cebile:"Ngiyabonga mama."

MamGugu:"Mina ngijabula ukuzwa ukuthi ukahle mntanami, zinjani izinyawo manje?"

Cebi:"Indlovukazi iyangihambisa mama zona zisathambile kodwa ngiyancenga."

BabMongezi:”Ngaze ngafuna kuyibonga lenkosi nendlunkulu yakhe banobuntu.”

Cebi:”Kakhulu, sekumele ngihambe.”

MamGugu:”Uzinakekele sthandwa sami.”

Cebi:”Ngiyabonga ngiyanithanda ma.”

MamGugu:”Siyakuthanda nathi sesi uziphathe kahle.”

Baluvale bahlale babukane

BabMongezi:”Uzizwa unjani manje?”

MamGugu:”Mina ngijabulela ukuthi ingane yami ikahle.”

BabMongezi:”Sesingalungisela umshado manje?”

MamGugu:”Nayi indoda bo usabuza namanje kahle faka imali kusetshenzwe.”

Azame kumuqabula ubabMongezi

MamGugu:”Kahle Mongezi emini nje wena awukhathali.”

BabMongezi:”UMondli bekakuphumuza?”

MamGugu:”Yena abengafuni emini kodwa ebusuku bekanezinsuku zakhe wena cha hhayi.”

BabMongezi:”Ngiyaxolisa ukukubuza into enje ngiyabona uba namahloni.”

MamGugu:”Kona kuyaswabisa namanje ngiba namahloni kuthi ngathi sengikuthanda kakhulu.”

Ajabule ubabMongezi phela uGugu lo inkosikazi kabhuti wakhe wamubona kuqala elokhu esaba ukumeshela waze wahanjelwa ubhuti wakhe omncane phambili. Kwakunzima kuye ikakhulukazi masekushadwa, kepha ifindo maselifaswa nguye kwaba nconywana. Abemuthanda njalo amubuke engabhekile, nangu namuhla duze naye uthi uyamuthanda. Amubambe ngesandla, emnyango

Sinalo:”Baba.”

Bayekane

BabMongezi:”Ngena.”

Sinalo:”Haaaaaa angifuni kuvaleka amehlo.”

BabMongezi:”Uzohlala laphoke thina sisafunda imilayezo kulocingo lwakho.”

Angene ngokushesha amuhleke umawakhe athathe ucingo.

MamGugu:”Siyashada ndodana ezinyangeni ezizayo.”

Sinalo:”Kufana nokuthi kudala nashada, mama ngisaya khabo Sbongile mama uthi ubaba wakhe ushonile.”

MamGugu:”Hawu kunobaba kuloya muzi wena uhlala uya kangaka.?”

Sinalo:”Abengahlali nabo naye uqeda kuhlangana naye  nje abemujabulele.”

UNathi afake ikhanda alunguze

Nathi:”Ngisajika la ehhovisi nami kodwa ngiyabuya.”

Baphume bekandelana uSinalo aye emotweni yakhe uNathi amulinde naye agibele enye.

BabMongezi:”Indodana yakho ibancono manje.”

MamGugu:”Ngiyamubona, ngilambile.”

BabMongezi:”Bona.”

MamGugu:”Angifuni wena ngiyakwazi izinto ozicabangayo masisodwa.”

BabMongezi:”Hawwu sengingalunywa isilwane impela ungafuni kubona.”

MamGugu:”Sengiyolithetha ligcwele kuMdali naye ngizomutshela ukuthi nangu umyeni angipha yena  engafuni ngiphumule.”

Bahleke bobabili aphume umamGugu ayokwenza ukudla……..

***ISIQEPHU 58***

***KWAKHOZA***

UmaKhoza uhlezi nendodakazi yakhe ekhishini uKhoza uhlezi kusofa yedwa, ucabanga ngaye uDanisile lona.

MaKhoza:"Uzohamba nini?"

Dani:"Mama mangicabanga ukuthi kumele ngihlangane naloMihla angifisi nokuya."

MaKhoza:"Ungumakoti  wena kulowa muzi."

Dani:"Mama kuyangisinda ukuya ngicela ungiphelezele sizobuya futhi."

MaKhoza:"Habe wena kumele uye uyobasiza akekho omunye umakoti uthi umamezala wakho enzenjani kodwa."

Dani:"Ngizokuya ntambama mama mangibuya kuyolungisa izinwele."

MaKhoza:"Uyahlola na izinwele zani kushoniwe?"

Dani:"Kumele ngihlale ngimuhle mama, uyabazi bo anti bakhona mabathi bavula lemilomo yabo wwuuuuu cha."

MaKhoza:"Ngiyabakhumbula ngababona ngomshado wenu."

Dani:"Manje futhi ngiyezwa nje egazini ngeke ngikhone nokubekezela, labantu babebalisela ilokwe lami lomshado bathi liveze amabele wuuu."

MaKhoza:"Awungindlulisele usawoti."

Amunike ngake kukhale ucingo lwaKhoza alubambe aphinde asho futhi uhallow.

Khoza:"Ubani lo HALLOW."

Cebi:"Sawubona baba."

Athuke uKhoza makashayelwa uCebi ingabe kukhona okwenzeke kwindodana yakhe, athalaze aphume nocingo lwakhe ayoma le ngasesangweni.

Khoza:"Makoti ninjani?"

Cebi:"Siyaphila baba."

Khoza:"Ngashayelwa nguwe namuhla kwenzenjailni."

Cebi:"Kukhona abantu engihlangene nabo manje angazi ngenzenjani noma ngithini."

Khoza:"Ngitshele ngabo."

Ayiqale eqaleni uCebile indaba makathola umlayezo ngomamPhindi.

Khoza:"Mntanami benihlala noPhindi akasekho lowo muntu nje?"

Cebi:"Ngimangele nami baba."

Khoza:"Nikahle kodwa?"

Cebi:"Sikahle kakhulu baba."

Aqhubeke aze aqede makafika endabeni yewele likaLwazi athuke uKhoza kanti uMsizi ulokhu umubhekile. Asondele ngoba sekazibamba esifubeni

Msizi:"Baba."

Khoza:"Cebi ungamutsheli uLwazi lento ngiyeza."

Cebi:"Baba hellow."

Athathe ucingo uMsizi alubeke endlebeni

Msizi:"Cebi."

Cebi:"Ohhhhh bhuti ukahle ubaba kube angimushayelanga Nkosi yami."

Msizi:"Ukahle ngizomushayisa umoya manje abe valeka kancane wena yenza njengokusho kwakhe."

Aluvale ubaba wakhe sekamushiye lapho amulandele angene endlini aqonde egunjini lakhe amufice ahkezi embhedeni sekazikhumule namakinobho ehembe wonke. Ajike uMsizi ayokha amanzi ekhishini.

Msizi:"Ndodakazi yolahleko."

MaKhoza:"Nawe selokhu uqonyiwe nje uyindodana yolahleko."

Aphume banganaki lutho anike ubaba wakhe aphuze kancane amunike adonse umoya.

Msizi:"Kwenzakalani baba?"

Khoza:"Vula lomnyango bazaze bezwe."

Msizi:"Bazozwa mawuvuliwe baba."

Khoza:"Cha mabalalela sizobona."

Awuvule umnyango abuye ahlale celeni kwababa wakhe amutshele ngodaba lwewele likaLwazi. Athuswe yikho konke uMsizi phela yena wazi ukuthi uLwazi uzalwa umawabo.

Msizi:"Baba uLwazi uzalwa omunye umama?"

Khoza:"Izono zami ziyangifica manje, yonke lento ivela emehlweni kamakoti amahloni enginawo ndodana lomntwana sekayazi ukuthi umama wakho akazali umyeni wakhe."

Msizi:"UCebi akusiyo lomuntu wokukhuluma izindaba zabantu buka namanje wenze ubuhlakani bokungatsheli umyeni wakhe weza kuwe mnikazi wendaba. Uma usafuna ukuyifihla lento kuyacaca umakoti wakakho uzoyifihla kunye nawe."

Khoza:"Ngake ngaphathwa ubudedengu bobulima ngalingwa intombazane encane eyayithanda izinto nje kwaba nengane, umawakho makezwa saxabana wangishiya wabuyela kubo unyaka wonke. Ngamuncenga eside isikhathi wangibuza ukuthi seyitetile lentombi umntanamuni ngamutshela ukuthi umfana. Wathi kimi siyamulanda lomntwana uzokhuliswa yimi ngemfundiso yami uma kungenjalo khohlwa yimi."

Msizi:"Haaaaa futhi wamukhulisa sonke asazi waze wamuthanda ukusindlula sonke."

Khoza:"Manje ngimutshela kanjani ukuthi zimbili safihlelwa enye?"

Msizi:"Baba ukuya eSwalala wedwa kuzonixabanisa mubize umtshele manje konke wakwazi ukukhulisa uLwazi ngeke ahlulwe ukwamukela lo. Ukube benazi ukuthi uliwele abezobathatha bobabili."

Khoza:"Mubize ndodana."

Msizi:"Uma niya ngizonihambisa nami ngiyafuna ukubona indodana kababa."

Aphume uMsizi ayobiza umawakhe.

MaKhoza:"Ngisapheka mina angithi uthe ulambile ubabakho manje ungibizela emakamereni."

Ahleke uDanisile

MaKhoza:"Wena uhlekiswa yini, into ojabule yona iyamangaza ukube niyathandana nomyeni wakho bengizothi ukuhambile inkosi."

Dani:"Mama."

Aphume

MaKhoza:"Qhubeka namabhodo ami."

UMsizi asondele kusesi wakhe uqinsile umawabo ujabulile akabonakali njengomuntu onezinkinga.

Msizi:"Ujatshuliswe yini kangaka?"

Dani:"Impilo iza kanye bhuti ngiqedile ukukhalela uNsizwa ngizofaka isehlukaniso, ngoMsombuluko ngiya ekolishi kuyobheka kuthi ngingabhala na noma kumele ngiqale phansi ngifunde isemester yonke. Ngizobuyela eskoleni kahle ngikhohlwe uNsizwa."

Msizi:"Ucabanga ukuthi uzovuma kusayinda?"

Dani:"Akukho engikufunayo kuye ngisho izicathulo lezi ngiyabonga angizifuni."

Msizi:"Uqomile Danisile?"

Abheke ubhuti wakhe ahluleke ukuphika noma ukuphendula.

Msizi:”Kungakuhle uma konke lokhu okuhlelayo kuthi uzobuyela eskoleni uzenzela wena hhayi lomlisa omtholile ngoba kuzophela kabuhlungu.”

Dani:”Kona ngiboniswe nguye kodwa ngenzela mina.”

Msizi:”Utheni yena makakubonisa?”

Dani:”Uthe ngenze okujabulisa uDanisile, wangibuza ukuthi yini engangikwenza ngingakahlangani noNsizwa wase uyangibonisake. Kuthi kusuka namuhla ngicabange mina nenjabulo yami kuphela.”

Avume ngekhanda uMsizi

Msizi:”Ubani lowo mlisa?”

Dani:”Ngicela kungakutsheli bhuti.”

Msizi:”Awumuthandi into ozoyenza ukumzwisa ubuhlungu manje uyakujabulisa ngoba kwakho awujabulanga ubona ngathi uthando lolo.”

Amoyizele uDanisile

Dani:”Uyazi into ayishilo leyo uthe yena uyangithanda kodwa ngeke azenze isilima ucela ngizijabulise manje uma kunesikhala sakhe ekuhambeni kwesikhathi uzobona lapho kuthi ngiyamuthanda.”

Msizi:”Uzwakala anekhanda elihluzekile, wena ucabanga ukuthi uyamuthanda?”

Dani:”Bhuti manje ngoba ngisekhaya ngimukhumbulie, ngiyamuthanda kodwa ngiyasaba.”

Msizi:”Ngizohamba nawe kuyohlangana nesami isithandwa sihlakaniphile uyokhuluma naye akubonise.”

Dani:”Cha angifuni mina uskoni azi izindaba zami kuncono ngenze njengokusho kwakhe kuthi ngizicinge kuqala.”

Bezwe umawakhe akhala makathi uya khona uDanisile amuvimbe ubhuti wakhe baqhubeke ekhishini. Emva kwehora baqhamuke bobabili

Khoza:”Ndodana ingabe uyasontisa lapha ekhoneni namuhla?”

Msizi:”Cha sikhuleka kusasa.”

Khoza:”Ngicela usiphelezele siye eSwalala sinomawakho.”

Dani:”Kunani lapho?”

Khoza:”Sizokutshela masibuya.”

Dani:”Cha ngiyahamba nami.”

MaKhoza:”Kumele uye kwaKhumalo wena.”

Dani:”Mama ngihamba nomndeni wami.”

Kubekhona oshaya ihutha esangweni abheke uMsizi aphume aye khona akavuli ngoba akayazi lemoto. Kwehlike umlisa ogqoke.isudi emnyama uphethe iphepha alinike uMsizi kumele asayinde ukuthi uthole okuthile kunesitembu sasenkantolo. Amunike makaqeda ukusayinda bese umunika imvilophu enkulu emhlophe avalelise umlisa. Ngaphandle ibhalwe igama likaDanisile abuyele endlini sekaphuma egunjini lakhe uzilungisile. Amuhlahlele amehlo aze akhamise.

Msizi:”Siya emshadweni na?”

Khoza:”Iphepha lani lelo?”

Msizi:”ElikaDanisile thatha.”

Alibheke alivule kukhale ucingo lwaMsizi ngapha uDanisile uvula imvilophu, bamubone ahlala kusofa kuxege amadolo kuye kwehle nezinyembezi. Basondele abazali bakhe

Msizi:”Rev.Khoza hellow.”

Kunephimbo elikhalayo ngale

Msizi:”Ngikhuluma nobani?”

Iphimbo:”Mfundisi ingane yami ingane yami izilengisile.”

Msizi:”Ngithumelele ikheli lakho mama.”

Iphimbo:”Kulungile.”

Mawungena umlayezo abuyele endlini uDanisile uyakhala

Msizi:”Yini kanti?”

Dani:”Emva kwayo yonke leminyaka ngimubonisa uthando ngimubekezelela, ngenxa yokuthi angizali sekangilahlisa okwenja.”

Athathe lamaphepha uMsizi awafunde.

Msizi:”Sayinda lamaphepha uwahambise lomuntu kudala aphuma kuwe, angithi ubujabulile manje uthi usuzobheka impilo yakho. Futhi unemali wenze lokhu okusheshayo.”

Khoza:”Okushesha kanjani?”

Msizi:”Uma avuma ukuthi aphume kulomshado nalutho akatholi lutho uzosayinda bazobe sebahlukanisile kuphelile ngomshado wabo. Uma kukhona akufunayo bazoya enkantolo. Baba sekukhona okuvelele omunye umzalwane wami ngizobheka umuntu ozonishayelela aniyise le.”

MaKhoza:”Mubheke ngokushesha uDanisile ngeke asahamba nathi phela.”

Msizi:”Uzohlalelani angahambi angithi usuwenza okubhekene nawe khohlwa iloNsizwa wakho. Angimuthembi nje ukuthi uzokwazi kushayela.”

MaKhoza:”Kunalomngani waLwazi osabekayo uyamuthemba makangakhoni ukusihambisa abecela yena, nami benginokumushayela ucingo inombolo yakhe la uPayza.”

Athathe ucingo lwamawakhe aphume amushayele ngalo ucingo

Pyza:”Oledi sgrizana.”

Msizi:”Akusiye ubhuti kaLwazi lo.”

Pyza:”Ohhh sawubona bhuti.”

Msizi:”Nginesimo la ngicela uzongithathela abazali bami kukhona la kumele baye khona.”

Pyza:”Eish bhuti mina ek is ver, ithi ngishayele enye igroetman.”

Msizi:”Shesha ungitshele uthini.”

Avale ucingo lwakhe alinde lapho ngaphandle aphinde amushayele uPayza

Payza:”Bhuti mfundisi uthi ucela ubashiye ngakaMkhwanazi uyasazi leso sitolo?”

Msizi:”Ngiyabonga uthembekile lowo muntu wakho?”

Payza:”Uthembeke ukundlula mina.”

Angene endlini uDanisile usabuke amaphepha akasakhali kodwa.

Msizi:”Sayinda Danisile ngizokuhambisela mina wena ungaze uwadabule.”

MaKhoza:”Msizi yeka ingane.”

Khoza:”Hhayi akawasayinde vele ndodana.”

Msizi:”Uzothumela umngani wakhe yena uthi usekudeni.”

MaKhoza:”Kungaba ncono uma asho lo anokumuthumela, uyamukhumbula baba wake wasilanda eGoli.”

Khoza:”Lo oneliso elibi oyisidlakela?”

MaKhoza:”Yebo .”

Khoza:”Uhambisana kamnandi loyo noma angakhulumi njengalo Payza, niyabona ngokunyamalala kwakho nobhuti wakho nisishiye sazitholela amanye amadodana.”

Msizi:”Haaaa baba namanje usazongithethisa.”

Athathe ipeni asayinde uDanisile abuyisele kwimvilophu anike umfowabo, baphume bonke bayongena emotweni. Mabafika lapho kunemoto emile

Msizi:”Ngiyacabanga nguye lo ngoba uthe uhamba ngenje ithi ngiyokhuluma naye kuqala.”

MaKhoza:”Hamba ndodana seside lesikhathi nguyena ngiyambona mina ngalesigqoko sakhe esihlala emehlweni uzosihambisa kamnandi.”

Msizi:”Ngizonilandela mangiqeda baba ube kahle.”

Khoza:”Kulungile ndodana.”

Ahambe uMsizi ashaye ihutha ehlike umlisa abambeke makabona uDanisile uchofoza ucingo lwakhe yena akamuboni.

MaKhoza:”Ndodana susa lesigqoka emehlweni maaan.”

“Sanibonani mama.”

Aphakamise amehlo uDanisile kuwe nocingo lwakhe lushayeke luhlephuke vele iscreen.

Khoza:”Nawe usakhala namanje ngena emotweni.”

Abavulele umnyango uKhoza ahlale phambili uDanisile nomawakhe bahlale emuva. Ayisuse ulokhu ubuka uDanisile ngesibuko kodwa ababoni lutho abantu abadala ngoba isigqoko sisemehlweni. UDanisile ulungisa ucingo lwakhe.

Khoza:”Ndodana namanje awukathathi?”

MaKhoza:”Cha baba.”

Khoza:”Ngibuza ngoba indandatho ayikho emunweni phela.”

“Engimuthandayo wendile baba angifuni kudlala ngezingabe zabantu ngizithembise uthando engingenalo.”

MaKhoza:”Hhaaaaaaa uzomuthola owakho ungamukhaleli lowo futhi inkosikazi yakho izophila kamnandi.”

Khoza:”Nyathela mfana ilanga liyashona.”

“Fasa ibhande baba.”

Baqhubeke ngohambo……..

***ISIQEPHU 59***

***NATHI***

UNathi afike ehhovisi alungise lephutha abizelwe lona bese uyaphuma, angene emotweni ayiqondise emathuneni. Aye kunkosikazi wakhe acoshane alibuke

Nathi:"Inhliziyo isakulangazelela kusebuhlungu ngiyafisa ukwazi ukuthi abezofuza bani umntanethu. Ngiyathemba ngelinye ilanga ngizokwazi ukuqhubeka ngempilo, yazi uCebi ubalekile noLwazi."

Ahleke kancane

Nathi:"Ngiyakukhumbula  mkami kakhulu."

Athule isikhashana asuse utshani obumilayo celeni kwethuna bese uyasukuma abuyele emotweni yakhe abheke emuva kuqala. Ezwe umsindo omkhulu imoto yakhe ishayiseka athuke abheke emuva. Ubani ongamushayisa amile futhi akuphithizi la ehlike sekathukuthele. Uvuleke umnyango walemoto emushayisile aqale abheke eyakhe ipotokile  acasuke uNathi kwehlike owesifazane. Aqale abone ubuso bukaAmanda kuye amangale abheke emathuneni aphinde abheke lo wesifazane. Akusiye uAmanda wakhe sekahle uyakhala acasuke kakhulu anxaphe abuyele emotweni yakhe azame kuyidumisa izithulele.

Asondele lo wesifazane eme ngasohlangothini lwaNathi.

"Ngiyaxolisa mnumzane bengingayiboni imoto yakho kodwa ngizokhokha."

Nathi:"Angifune mali yakho mina suka ngihambe."

"Ngiyaxolisa bandla ukuthi bengithukile ngoba bengishayela emgwaqeni imoto yami yaphaphalaza ngayijikisa kuthi ngingashayisi abantu. Ngingene kulomgwaqo ngavevezela kakhulu mangibona ukuthi isemathuneni la kanti sengizoshayisa wena."

Uchaza indaba yakhe uthukile ngempela nezandla ziyaqhaqhazela amubheke uNathi azithole sekahleka anikine ikhanda, aphume emotweni.

Nathi:"Kungani ushayela ngoba unenkinga ngempela."

"Anginayo."

Nathi:"Kuleliya viki ubuphantshelwe isondo ngakusiza manje uyangishayisa ngaze ngakubona ushayela futhi ngizokubizela amaphoyisa."

Amubheke abone ukuthi ngempela ilowesilisa owamusiza azilume umlomo owodwa amubheke uNathi.

“Ngiyayiqonda intukuthelo yakho ngeke ngiphinde ngikuphazamise emgwaqeni ngicela ukukukhokhela.”

Nathi:”Cha ayikho inkinga ungakhululeka.”

Kukhale ucingo lwaNathi alubambe.

MamGugu:”Usiphathele isinkwa ndodana.”

Nathi:”Sona sodwa?”

MamGugu:”Yebo.”

Nathi :”Kulungile.”

Aluvale angene emotweni manje idume aze anikine ikhanda noNokuthula ayogibela emotweni yakhe ngokushesha phela sekuyahwalala kanti basemathuneni nangu noNathi amushiya yedwa. Ashayele kancane uNathi aze aqede ukutatazela imoto yakhe idume balandelane baze bangene kumgwaqo omkhulu wezimoto. Angabe asayinaka lemoto aqonde ezitolo kugcwele. Alokhu azula uNathi kuthi athole indawo yokupaka ayibone imoto ihlehla aye khona ayilinde kancane ize iphume makathi uyangena kungene enye encane ngaphambili zicishe kushayisana.

Makabheka iloNokuthula futhi naye athuke makabona ukuthi uNathi bekazongena lapho ayikhiphe imoto yakhe. Ashayeke uNathi azame kumuhuthela kodwa angamuzwa uNokuthula. Apake bese uyofuna imoto kaNokuthula amufice sekathole enye indawo yokupaka. Makehlika athuke futhi.

Nokuthula:”Owwwww Bawo ngiyaxolisa kukuphazamisa futhi.”

Nathi:”Cha bengifuna kukubheka ukuthi uyitholile indawo yokupaka.”

Nokuthula:”Nayi ngiyitholile.”

Nathi:”Uyaphi ngoba sekuhwalele uwedwa?”

Nokuthula:”Ngizofuna okokudla la bese ngiya la engiqhashe khona.”

Nathi:”Singangena la endaweni yokudla sidle sobabili ukuxolisa nje ngokukhuluma kabi.”

Nokuthula:”Asikho isidingo sokuxolisa bengisephutheni.”

Nathi:”Kulungile, kepha ngicela kukuphelezela masoya la oqhashe khona, indlela oshayela ngayo iyangithusa mina futhi sekuhwalele.”

Nokuthula:”Pho uzongiphelezela kanjani ngoba sobabili siyashayela.”

Nathi:”Ngizokulandela ngemuva.”

Nokuthula:”Ayyyy angifuni wazi la engihlala khona.”

Nathi:”Kahle hawu ucabanga ukuthi kube ngiyisigebengu bengingakuyeka besisemathuneni sisodwa.”

Nokuthula:”Kulungileke ungangilinda.”

Makaphenduka aqonde  la ayothenga khona abone sebavale umnyango babhekane.

Nathi:”Ngiyaxolisa bandla awufuni siyodla kusho ukuthi uzofike upheke.”

Nokuthula:”Singaya.”

Balandelane bayongena erestuarant uweta abahlangabeze.

“Table for two?”

Nathi:”Yes.”

Abahole bahlale phansi ba ode bese uyabashiya

Nathi:”So ngitshele ngoNokuthula.”

Nokuthula:”Ahhhh akukho okuchazayo engingakutshela kona ngami.”

Nathi:”Awunawo umndeni? Awunabo abangani awukhonzi?”

Amoyizele uNokuthula

Nokuthula:”Hhayi kanjalo phela anginawo umndeni angiwazi ngikhulele ezintandaneni, ngisebenza emasotsheni, anginabo abangani ngaphandle komunye usisi nendodakazi yakhe basenkonzweni sebayafana nomndeni wami. Ngale emakhaya nakhona nginomndeni owangicosha umama kanye nendodana yakhe.”

Nathi:”Uhlala uthukile kwenziwa yini?”

Athule naloncumo bolusebusweni luphele  nya angabe asamubuza uNathi kufike nokudla kwabo.

Nathi:”Uxolo ngathi awuthandi kukhuluma ngako.”

Nokuthula:”Ngake ngaphucwa imoto emgwaqeni ngadutshulwa futhi ngihamba nengane kasisi wami nosisi umawengane. Ngaphaphama esibhedlela usisi eshonile bathi washona ngaleso sikhathi, ingane  kuze kube yinamuhla akekho onencazelo ngayo Mangingena nje emgwaqeni ophithizayo kuningi okwenzekayo, ngihlala ngibuhlungu ngoba lendodakazi kasesi wami kuphela komndeni enginawo.”

Nathi:”Isikhathi esingakanani kwenzeke lokho?”

Nokuthula:”Izinyanga eziwu8.”

Nathi:”Hawu kusekusha nje.”

Nokuthula:”Kakhulu.”

Nathi:”Ngicela ungibhalele la uhlobo lwemoto owawuhamba ngalo izinombolo zayo, ingozi wayitholela kuphi ngobani isikhathi. Ngibhalele konke ngisaya endlini encane.”

Nokuthula:”Ngobani?”

Amubheke uNathi

Nathi:”Ngoba ngiyakwazi ukulahlekelwa umuntu omthandayo kunjani. Nami ngicishe ngine zinyanga eziyisikhombisa ngishiwe umkami. Naye wadubuleka bazotshontsha imoto ngiyazi uzizwa kanjani ngokushiwa usesi wakho kodwa kuncono uyazi ukuphi yena. Ngizokucingisa ingane kasesi wakho.”

Nokuthula:”Hawu kodwa mnumzane.”

Nathi:”Ngiyabuya.”

Asukume uNokuthula asale abhala uNathi achofoze ucingo lwakhe.

BabMongezi:”Hayibo ukuphi nesinkwa na?”

Nathi:”Eish baba bona ungakhona kungicingisa ingane eyanyamalala engozini yemoto. Isimo esinjalo uyakhona kulandelela umkhondo wayo.”

BabMongezi:”Ingane kabani?”

Nathi:”Ngizokutshela konke kodwa mangikubona, manje ngifuna ukwazi ukuthi isimo esinjalo siyalandeleka?”

BabMongezi:”Siyalandeleka.”

Nathi:”Kulungile baba utshele umama ngizobuya late ngibambekile.”

BabMongeni:”Ingabe konke kukahle?”

Nathi:”Konke kukahle ngiyathembisa.”

Avale ucingo abuyele phakathi afikisane nokudla bakubeka etafuleni.

Nathi:”Kuyakhumbuleka?”

Nokuthula:”Ngikubhale konke.”

Athathe lephepha alibheke inhliziyo yakhe ibe buhlungu ingane eneminyaka emithathu, badle sebaxoxa ngokunye. UNathi ulokhu uyazikhuza ngoba ubona ubuso benkosikazi yakhe kuNokuthula. Badle baqede ba ode nokokuphuza futhi.

Nathi:”Manje ngoba  usebenza emasotsheni unesakho isibhamu?”

Nokuthula:”Ngicabange nje wena mawubhekile mina ngingasibamba isibhamu?”

Amubheke uNathi ahleke

Nathi:”Ewu cha ubungeke.”

Nokuthula:”Ngisho nokusibheka nje, ngisebenza njengo mabhalane wakhona.”

Nathi:”Ohhk ngikuzwe ukhuluma ngasemakhaya umndeni omunye lowo?”

Nokuthula:”Umama nje osokhulile kahle kodwa ngiyamunakekela nendodana yakhe, amehlo akho angifanela newendodana yakhe.”

Nathi:”Wuuuu ungubani lowo ongaba nalamehlo ami.”

Bahleke bobabili kusondele uweta

Weta:”Uxolo mnumzane sekuyisikhathi sokuthi sishayise manje kuyavalwa.”

Bathuke babukane ngempela basele bodwa

Nathi:”Siyaxolisa uyazi asinakile kwasikhathi.”

Weta:”Ngiyazwisisa mnumnzane.”

Akhokhe uNathi baphume nangaphandle kusele izimoto zabo ezimbili.

Nokuthula:”Cha bazositshontshake manje.”

Nathi:”Ngeke uhambe wedwa ngena emotweni ngizokuphelezela uze ufike.”

Angene emotweni uNathi aqonde kweyakhe amulandele nala emgwaqeni makangena alinde ngaphandle amubheke. Afake imoto yakhe egaraji uhlala emafulethini usisi lona aphume avale igaraji bese uphakamisa isandla. Amushayele ihutha uNathi agijime ayongena endlini. Abone akhanyisa asuke naye aqonde kubo sekuhwalele impela sekugamanxe nehora leshumi. Apake imoto angene endlini abuke lephepha isikhathi bese uyokokoda egunjini lamawakhe.

Nathi:”Yimina mama ingabe ukhona ubaba?”

MamGugu:”Nathi yini ngoba ulele ubabakho.”

BabMongezi:”Kulungile ngizovuka ngiyeza ndodana.”

Ahambe ayomulinda egunjini lokudlela aqhamuke ubaba wakhe amubheke uNathi azibuze ukuthi kwenzeka kanjani kungabonakali ukuthi ubaba wabo lo ngoba akukho okungekho okungekwakhe kubo bobathathu, nothando analo ngabo. Uyazi ukube abevusa ubabMondli bekazomutshela ukuthi bazokhuluma kusasa. Ngisho nangomsebenzi wesikole wayengabahlehliseli izinto zabo. Makafika amuchazele lonke udaba amangale ubabMongezi.

BabMongezi:”Ndodana ungivuse ngilele ubuthongo obujilile ungivusela umngani ofuna ukumsiza?”

Ashalazele uNathi naye azibuze ukuthi ujahe ini ngoba nakusasa bebangakhuluma kodwa axolise. Ubalisa nje ufunda lepheshana ubabMongezi

BabMongezi:”Hayi lengozi ngiyayikhumbula maan kancane.”

Alande ucingo lwakhe abuye selusendlebeni

MamGugu:”Mongezi vala umnyango.”

BabMongezi:”Phephisa Gugulami.”

Amoyizele yedwa uNathi asondele ahlale phansi

BabMongezi:”Hayisuka wena usulele emini kanje.”

………

BabMongezi:”Kunengozi eyenzeka lapha ku T junction ngaseSpar babethathela intombazane imoto phakathi kunengane nabesifazane ababili.”

………

BabMongezi:”Oyedwa waphila kodwa omunye washona ingane ayitholakali kuze kube yinamuhla.”

………..

BabMongezi:”Uyabona wena uyangichaza hlala phezu kwayoke.”

Aluvale ucingo

BabMongezi:”Ngeke kuphele  ngisho isonto ngoba uthi unomuntu owayibona yenzeka lengozi umawakhe nayo ingane wayibuka ibambe efasteleni ikhala unina ekhala bahamba naye.”

Nathi:”Ngiyabongna  baba.”

Bahlukane lapho baye kolala……

***ISIQEPHU 60***

***ESWALALA***

ULwazi abeyibona inkosikazi yakhe ukuthi kukhona okushaya amanzi ngayo.

Lwazi:"Kwenzenjani nkosazana?"

Cebi:"Ngikhumbule ekhaya ngiyacabanga ukukhuluma nabo kungenze ngaba njalo nje."

Lwazi:"Ngiyathembisa sizohamba masekuhlangene kahle konke, futhi sekuhlangene manje. Inkosi iwathandile amalahle sekudiliviwe amaloli amahlanu elokhu ethuthezela emzini."

Cebi:"Uyasebenza sthandwa sami, manje lena emzini wababa?"

Lwazi:"Hhayi ngeke ngisabuyela lapho sizolokhu sibonana nalomngani wakho?"

Cebi:"Sekungumngani wami manje?"

Bahleke

Lwazi:"Yebo abebiza wena ngegama."

Cebi:"Uyangisukela, hayibo uphi uNozi?"

Lwazi:"Uyadlala umntwana, sukuma sihambe kancane bangibuza kaningi kuthi kungani ungezi."

Cebi:"Nginamahloni."

Lwazi:"Umdwebi unamahloni kahle wena buya sihambe."

Amubambe ngesandla amucathuzise inkosi isahlezi nobhuti bayo indlovukazi ibuqamama nabo, makabona uCebile alule isandla amuhlangabeze.

Phumelele:"Isitulo sisele?"

Cebi:"Bathe bayangicathuzisa sasishiya."

Phumelele:"Ngihlezi ngapha namakhosikazi abobhuti."

Afike abazise bahlale baxoxe

Sphila:"Ungikhumbuza ukufika kwaNomathemba kaTshabalala muncane."

Bahleke uCebi azimoyizelise ngoba akamazi naloyo Nomathemba alinganiswa ngaye.

Phumelele:"Asachifana strong."

Bahleke futhi kusondele uThabo izandla zisemakhikhini acoshame phambi kwaCebi amukhuphule ilokwe kancane kuvele umlenze. Akhuleke kancane futhi aphinde amukhumule nezicathulo amuphulule izinyawo zombili. Aphakame abuyisele izandla zakhe emakhikhini.

Thabo:”Sukuma mamKhoza.”

Asukume azame kubambelela ngoPhumelele

Phumelele:”Ziphakamele.”

Aphakame ezwe kubalula ahambe uLwazi ajabule asondele kuThabo.

Thabo:”Ungangibongi mina kumele ubonge uNkulunkulu.”

Asondele kubo uCebi naye abheke uThabo amehlo sewanezinyembezi bahambe bayohlala bodwa futhi.

Thabo:”Lwazi ngikubona ungumfana owaziyo okufunayo kepha uphazanyiswa okuningi njengentukuthelo. Uyangichaza indlela oyilawula ngayo lentukuthelo.”

Lwazi:”Ngiyabonga.”

Thabo:”Kukhona udaba oluzovela luzokuzwisa ubuhlungu nakhona ngicela ungasebenzisi ubuhlungu benhliziyo zilawule.”

Lwazi:”Ubuhlungu obungandlula lobu engabuzwa mzukwana ngithola ukuthi angizalwa umama owangikhulisa?”

Thabo:”Kubuhlungu lobu kepha ngifisa uzilawule abantu abadala banezimfihlo.”

Thobela:”Uma singakuxoxela ngomndeni wethu ungabona ngathi siyazakhela ngenxa yenani lezimfihlo.”

Thabo:”Yebo kunjalo ekugcineni okubalulekile umndeni nokubumbana, inkosikazi yakho izothola umfana nentombazana.”

Lwazi:”Hayibo amaphahla?”

Thabo:”Amaphahla.”

Bahleke  naye wenziwa injabulo yena, kume imoto egcekeni bangayinaki ngoba bakhona bonogada. Unogada makazobika bezwe uNozibusiso sekamemeza

Nozi:”MKHULU.”

Asukume ngokushesha uLwazi aphambane nonogada ayobheka egcekeni ngempela umndeni wakhe. Abazali bakhe kanye nosesi wakhe bamubone nabo umawakhe ahle akhale bangakavulelwa.

Thabo:”Vulani lesango.”

Bangabe basalinda impendulo bavule angene ngokushesha umaKhoza azohaga indodana yakhe akhale.

MaKhoza:"Hawu ndodana yami."

Lwazi:"Ngiyaxolisa ukuhamba ma."

MaKhoza:"Shhhhhh uphi umkakho?"

Amukhombe ngesandla uhagana noDanisile aye khona ayomuhaga naye.

MaKhoza:"Ngiyabonga ngokungakhulumi ihlazo lethu kumyeni wakho mntanami."

Cebi:"Ngiyezwa ma."

Asuke kubo makaqeda kubabingelela bonke uKhoza uxhawulana nendodana yakhe.

Thobela:"Lwazi ngena endlini nomndeni wakho ngathi nifuna ukukhuluma."

Khoza:"Siyabonga ndodana, Danisile wena sala nomakoti lapho."

ULwazi angene phakathi nabazali bakhe uDanisile amehlo asasemotweni esele egcekeni. Makabona abazali bangena phakathi.

Dani:"Ngisayokhulula lomshayeli ngathi sekakhohliwe"

Cebi:"Kulungile sisi."

Aphume ngesango ayongena emotweni uDumsane avele ayisuse angakhulumanga lutho ayoyimisa kude kancane.

Phumelele:"Uskoni wakho uyazikhulula naye noma usabuya?"

Cebi:"Angimazi."

Iso laCebi libheke la abangene khona

Sphila:"Sthandwa sami mangabe into ezohlukumeza umyeni wakho le exoxwayo lapha hamba uyozifaka bangakubizanga, ngiyakubona awusekho la."

Asukume vele ayongena naye abafice bahleka asondele kancane

Cebi:"Ngiyaxolisa mama."

MaKhoza:"Wathinta umyeni wathinta inkosikazi yakhe hlala phansi sesi."

Lwazi:"Baba sibalekile ngoba nina niyahwebhana kungani nisilandela?"

Angahleki uKhoza abheke inkosikazi yakhe babambane ngezandla

Khoza:"Ndodana kunento okumele sikutshele yona."

Lwazi:"Ukuthi angizalwa umama?"

Babhekane

Lwazi:”Mangabe yilokho sengiyazi ngezwa nixoxa ninodwa ngalosuku enganyamalala ngalo mangibuya ngaya khabo Cebile. Ningangitsheli into ezongikhumbuza lobo buhlungu engabuzwa ngalolo suku.”

MaKhoza:”Ngiyakuthanda ndodana.”

Khoza:”Manje wathula wangasho lutho?”

Lwazi:”Nani nathula nje baba nangangitshela.”

Kungene uThabo nenkosi

Thobela:”BabKhoza siyaxolisa kodwa sizwa amaphimbo ephakama singahlala kunye nani?”

Khoza:”Ningahlala nkosi yesizwe.”

Bahlale uThabo abheke uLwazi akhumbule ukuthi uthe kukhona azokuzwa okubuhlungu

Khoza:”Wezwa lobuhlungu wangeza kimi ndodana?”

Lwazi:”Ngabuzwa ngazithola sengixoxa noNathi ubhuti waCebi wangibonisa ukuthi nginganizwisi ubhlungu ngoba ngihlezi kahle. Nami ngangasibona isidingo sokunazisa ukuthi sengiyazi.”

MaKhoza:”AbakwaNkosi bayazi?”

Lwazi:”Ubhuti owaziyo.”

Kuthuleke babukane uCebile sekayakhala udidekile uLwazi ukuthi ukhaliswa yini noma uyazi naye ngemfihlo.

Lwazi:”Kukhona okunye?”

Kuthuleke babukane abantu abadala bobabili babheke uCebile naye uLwazi asibheke isithandwa sakhe.

Khoza:”Umakoti uke waphuma nendlovukazi bahlangana naye umama okuzalayo lapho bathola nokuthi unobhuti.”

Lwazi:”Nginobhuti ingane yaloyo mama?”

Khoza:”Ingane yami nayo Lwazi uyiphahla sonke besingazi ngizwe ngoAngel ocingweni makangichazela, naye uqeda kuzwa.”

MaKhoza:”Ngiyaxolisa ndodana ukube besazi ngangizonithatha nobabili.”

ULwazi abheke uCebi

Lwazi:”Ubusuku bonke ulele duze nami wangasho lutho kimi?”

Cebi:”Bengingafuni kuzwisa abazali bakho ubhlungu ngoba bengingazi uzokwenzanjani.”

Lwazi:”Uxolela ukuzwisa mina myeni wakho ubuhlungu?”

Cebi:”Cha.”

Khoza:”Ndodana.”

UCebi azame kumubamba azihluthule uLwazi asukume abashiye akhale uCebile amulandele.

MaKhoza:”Awuyazi lendawo ungahambi mntanami.”

Aphume uLwazi ucasukile ufisa kuhamba aye ekudeni kodwa makacabanga uCebi eme akakwazi ukuthukuthelela umkakhe kanje noma emuthukuthelisile. Ajike uCebi sekathuliswa uPhumelele nabo bangeniswe ukukhala kwakhe alule isandla aye kuye amuhage.

Cebi:”Ngiyaxolisa.”

Lwazi:”Ngikukwatele Cebi kakhulu futhi.”

Abuye amuhage

Lwazi:”Buya ngizokulalisa uphumule.”

Crbi:”Ngeke udube?”

Lwazi:”Ngijikile angithi uyangibona.”

Amoyizele uThabo abuka impi yezithandani ezincane afike amubeke embhedeni.

Lwazi:”Unjani lowele?”

Amuchazele ukuthi kwenzakalani makamubona nokuthi uNozibusiso uziphose kuye.

Lwazi:”Wathini kuwe?”

Cebi:”Wangibuza ukuthi wena unjani, uhlezi kahle na ukhule kahle.”

Lwazi:”Lomama yena?”

Cebi:”Uyagula Lwazi uthi unenye indodana yakhe angayazi iphi endala kodwa sekahlangene nawe. Uthi umamPhindi usesi wakhe.”

Amuxoxele ngento eyavelela umamPhindi aze abulawe.

Cebi:”Ngicela ukufa kuka mamncane wakho noma mamkhulu angazi kungabi yize leze.”

Lwazi:”Usho ukuthini?”

Cebi:”Ngicela uxole kunengane ezayo ngifuna ifike kulomhlaba wonke umndeni ubambene.”

Lwazi:"Ngithini mina kulomama?"

Cebi:"Uzokwenza okusuka enhliziweni futhi ukhumbule ukuthi ubaba nomama bamuphuca wena bona bebe namandla okuthi bakuwine enkantolo ngoba bashadile. Mhlawumbe wahlala wangakufuna ngoba asaba lokho nokuthi bazothatha umfowenu."

Adonse umoya uLwazi abuye aqabule inkosikazi yakhe bangakhuzani ukuqabulana kubaholele ekukhumulaneni izimpahla bagcine sebanelisa imizwa yabo….

Ngale basale baxoxa babenzele nokudla

Mandla:"UKhoza uyashaya manje yingakho angabuyi ubaba akayehlise umoya nje balale kuzokhulunywa kusasa."

MaKhoza:"Cha ndodana eyami indodana ayimushayi umkayo akanaso nje leso sibindi."

Agegetheke uMandla noThobela amulandele Thabo ababuke kabi ngoba uyazwisisa umaKhoza akazi ukuthi bakhuluma ngakuphi ukushaya.

Mandla:"Bahlala kanjani bangashayani mama?"

MaKhoza:"Angaboshwa phela."

Mandla:"Amaphoyisa sewayabheda manje azosibopha ngokushaya amakhosikazi ethu."

Thabo:"Mandla awuphume ushawe umoya nxxx."

Aphume vele aye kumkakhe

Mandla:"Usesi waLwazi ngimubone aphuma sekabuyile?"

Noma:"Uthe uyokhulula umshayeli ahambe."

Eme esangweni  uMandla ayibone imoto la eme khona

Mandla:"Akashongo ukuthi uyokhumula umshayeli?"

Noma:"Mandla uxoshiwe endlini ufuna nami ngikuxoshe."

Bahleke bobabili aqhamuke uLwazi ayohlala nabazali bakhe bamubheke.

Lwazi:"Asambeni ngeke ngikhone kulinda kuze kuse."

Khoza:"Kulungile ndodana."

MaKhoza:"Umakoti?"

Lwazi:"Ulele."

Aqhamuke uCebi naye akakhoni ukulala……

***EMOTWENI***

Dani:”Wavele wasusa imoto?”

Dumi:”Angifuni bazali bakho basole.”

Dani:”Bayakhuluma lento abayikhulumayo ngathi iyothatha isikhathi.”

Dumi:”Umuhle namuhla ngicishe ngamelwa inhliziyo.”

Dani:”Kahle bo.”

Dumi:”Amehlo akho abonisa ukuthi ubukhala?”

Acabange ukumtshela abuye azikhuze

Dani:”Izinto zomndeni.”

Dumi:”Ngifana nengane mangiduze nawe.”

Dani:”Yingakho ubulokhu ungibuka phansi kwesigqoko?”

Dumi:”Bengingakhoni nokuzibamba.”

Dani:”Ubhuti uthe uzosilandela ngicabanga ukuthi kumele ukhululeke.”

Dumi:”Kulungile ngicela ungiqabule.”

Amuqabule isandla sigcine sesihamba phansi kweloko aligqokile nesakhe sesiyamukhumula ikinobho lebhlukwe asibambe uDumsane.

Dumi:”Anginalo ijazi.”

Dani:”Senze kaningi kabi ngaphandle kwalo ngenze Dumsane ngiyakucela.”

Dumi:”Abazali bakho bangaphuma noma yinini.”

Babone uMandla ema esangweni abheka ngakulemoto

Dani:”Uqinsile mhlawumbe uthunywe ukubona mina, wena kungani ungangihaleli namuhla?”

Dumi:”Mina angikusebenzisi ngikuthanda ngempela kodwa wena awuzazi ume kuphi, amehlo akho ayabonisa kunento ekuphethe kabi manje uzozixolisa. Kubuhlungu bekuzoba ngcono ukube nami angikuthandi.”

Dani:”Ngiyakuthanda Dumsane futhi bengikukhumbulile.”

Dumi:”Buyela phakathi uzongishayela mangabe umndeni wakho uyangidinga angikho kahle ngizobhukha igumbi ehhotela.”

Dani:”Kulungile ungakhohlwa ukuthi ngithe ngiyakuthanda ngokweqiniso.”

Azilungise uDanisile aphume emotweni nangu uPhumelele noCebile basondela asale sekema.

Phumelele:”Sizokubheka ingabe konke kukahle?”

Dani:”Eya ndlunkulu kukahle.”

UDumsane makehla uDanisile uvele wehla unyembezi olulodwa, uPhumele aphose iso phakathi emotweni akamuboni ebusweni naye uzifihlile.

Cebi:”Assmbeni sisi kukhona la esiya khona.”

Iso libuyele kuDumsane

Phumelele:”Nazi ziphuma izimoto sizobalandela ngale.”

Azivulele umnyango uPhumelele ngemuva uCebi agibele kolunye uhlangoni, noDanisile agibele nabo. USphila ayogibela phambili

Phumelele:”Ngicela ulandele lezimoto bhuti.”

Ayisuse uDumsane angakhulumi lutho abakhoni nokumubuka ayimise emva kwezinye zasebukhosini mabafika kulowo muzi.

Phumelele:”Ungasishiyi bhuti.”

Dumi:”Kulungile.”

Behlike uThabo asondele

Sphila:”Nazoke bengihlalelani phambili.”

Phumelele:”Umtshele ukuthi unezinqe ezinkulu ubunganeli emuva.”

Ahleke uDanisile bangene egcekeni aye kuLwazi amuhage.

Dani:”Ukahle?”

Lwazi:”Cha kodwa manginani duze nami ngikahle.”

Kuphume lona iwele bangabuzi nokuthi ubani bazibonele babhekane benoLwazi bobabili ngqo ezinhlamvini zamehlo. Kukhale iwele kuqala bahagane uKhoza aphathwe isiyezi amubambe uThabo.

Thabo:”Qinisela nsizwa endala nguwena okumele uxazulule la yehlisa umoya phefumula.”

Enze njengokutshelwa baqhubeke ngokubabuka behagana mabaqeda kuphume umamSenzi umawabo. Amangale uCebi uyazihambela lomuntu bekangakhoni nokuphakamisa isandla ejulukiswa ubala nje. Asondele kubo uLwazi eme aqine amuhage umawakhe amehlo mawahlangana newaCebi abe nezinhloni amuhage

umawakhe kepha asheshe amuyeke. UVusimuzi athalaze bonke labantu inkosi nabafowabo uyabazi amehlo ahlale kuKhoza. Abiphe kakhulu

Thabo:"Iyakubona indodana kodwa ngathi ikuthukuthelele hamba uye kuye."

Asondele kancane uKhoza eme celeni kwaLwazi

Khoza:"Bengingazi ngawe."

Vusi:"Ngiyazi, wangiphuca umfowethu ngakhula kabuhlungu ngemizwa engingakhoni kuyichaza."

Khoza:"Ngiyaxolisa ndodana ukube bengazi bengizonithatha nobabili."

Vusi:"Bese ulahla umawami njengesidwedwe."

Khoza:"Umawakho."

Vusi:"Ungaliphathi igama lakhe wena nenkosikazi yakho nazenza uNkulunkulu empilweni kamama."

Lwazi:"Ngiyazi uthukuthele nami ngithukuthele ngokuhlukaniswa nawe kepha la size ukuzolungisa asingakhombani ngeminwe. Lomama lo omubuka ngenzondo wakhulisa ubhuti wakho nginje namuhla kungenxa yakhe.  Kuyo yonke lento eyasihlukanisa umama osizalayo naye waba nesandla wenza kabi wathandana nendoda eshadile umkakhe wenza lokhu athi uyawuqoqa umndeni. Yena wangizala uke wazama ukungifuna? Cha kepha ngeke ungibone ngimukhombe ngomuno. Bafo mangabe unaleyo nzondo awachithwe lamanzi ngeke ngivume ubaba aphathwe inhliziyo futhi ngenxa yenzondo yakho."

MamSenzi:"Ndodana."

Lwazi:"Angikuzondi ma kodwa ngizonda inzondo iwele lami elisamukela ngayo lento yenzeka kudala kungani kumele senze inzondo kungekho isidingo. Unabobhuti abadala abangajabula kukubona ubaba nomama basikhulise ngothando uma lungekho la cha salani nenzondo yenu."

Abuke abazali bakhe afulathele iwele lakhe limangele abambe ubaba wakhe ngesandla amubone ukuthi akafuni uKhoza akazi enzenjani.

Khoza:"Ndodana."

Vusi:"Bhuti manje uzongifulathela okwesibili manje uyazihambela?"

Lwazi:"Mangabe uzolokhu ubuka abazali ngenzondo ngizokufulathela."

Abuke umawakhe naye osophelelwa amandla kanti uphakamile wakhona ukuzihambela naye wabona ukuthi wenziwa injabulo.

Vusi:"Kulungile bafo sasingekho makwenzeka konke lokhu kepha manje sikhona."

Ajike uLwazi baphinde bahagane uVusi aziyele kumaKhoza amuhage aye kubaba wakhe, afike sekavevezela izindebe zakhe amuhage. Okokuqala azizwe izandla zikababa wakhe bakhale bobabili. Baphazanyiswe ukuma kwenye imoto kwehlike uMsizi. UMsizi angene sekashesha ngoba uyamubona umfowabo omncane nangu ufana noLwazi abuye afane nabo. Azibonele uVusi ukuthi lo ubhuti omkhulu ufana nobabba wabo ubuye afane newele lakhe okusho ukuthi ufana naye futhi. Bahagane balokhu bebhambathana.

Msizi:"UMsizi"

Vusi:"UVusimuzi."

Msizi:"Ngiyabuya."

Abuyele emotweni ayivule ebhuthini akhiphe isihlalo samasondo uKhoza azibonele ukuthi uze nendodana yakhe endala. Bamusize kumuhlalisa amuphushe afike amubeke phambi kwaVusi.

Msizi:"Ubhuti wethu omkhulu lo uMholi."

Baxhawulane uVusi agobe amuhage bazane kahle bonke umamSenzi sekahlezi yedwa ubabukile. ULwazi alande uDanisile

Lwazi:"Usesi wethu lo nguye yedwa."

Vusi:"Sisi muncane yena kithi?"

Lwazi:"Lutho ndoda mudala thina singabokugcina."

Vusi:"Besengijabulele ukuthi kukhona engizomushaya makaganga."

Bahleke bahagane uCebi aye kumamSenzi

Cebi:"Mama."

MamSenzi:"Ngiyabonga ngane yami yize ngizibona ukuthi ngangifuna ukuchitha umndeni onothando olungaka nginamahloni."

Cebi:"Uyizwile indodana yakho itheni sekwandlula lokho ungagxili kuko."

MamSenzi:"Unyeni wakho ungithukuthelele kodwa."

Cebi:"Cha kuzondlula uthukile ungumuntu ongakhoni ukubonisa imizwa yakhe kahle."

UmaKhoza uzizwa anesikhwele makabona uCebile akhuluma nalomfazi owayemubangisa umyeni wakhe kepha azincenge asondele kubo naye.

MamSenzi:"Sawubona Thandeka."

MaKhoza:"Senzi."

MamSenzi:"Angazi ngithini."

MaKhoza:"Ungasho lutho ngoba sekwandlula."

Emva kwesikhathi bahambe bathembisane ukuthi bazohamba noVusi masebabuyela emuva njengoba basaseSwalala bazolokhu bebonana. UMholi ulokhu ulangazelela uxolo lwababa wakhe azokwazi ukulanda inkosikazi yakhe..

Thabo:"Rev.Khoza."

Amubheke uMsizi bahagane baxhawulane bayazana babehlangana ezimvuselelweni zabazalwane.

Thabo:"Ebusuku kukhona la esiya khona nomakoti wakini kokhulula umphefumulo ozulayo ungahambi ngoba uke waziveza nakuwe lomphefumulo."

Msizi:"Usalwa nalabantu abangafuni ukulala ngokuthula?"

Thabo:"Ngeke ngibayeke bazoze bathobele umthetho."

Bahleke uMsizi aye kubazali bakhe

Msizi:"Ukahle baba?"

Khoza:"Amadolo ami ndodana akhathele."

Msizi:"Ngibona lemoto enize ngayo isekhona nginibhukhele?"

Khoza:"Asingamoshi imali ndodana sizohamba thina nina nisale nijabulela ubhuti wenu."

Msizi:"Unesiqiniseko?"

Khoza:"Yebo ndodana."

Dani:"Nami ngizohamba kuningi okungilindile emuva."

Msizi:"Wena ngikufuna emehlweni ami awuhambi sonke siyasala sijabulele uVusimuzi, isehlukaniso sakho ngisihambisile kusasa kuzosa mhlawumbe senihlukene ngisho nakwa home affairs."

Dani:"Kulungileke sizobonana ebukhosini."

Bagibele ezimotweni abazali baLwazi babuyele emotweni kaDumsane ayisuse angabheki nakancane uDanisile ibe buhlungu inhliziyo yakhe. Azibuze ukuthi vele ngeke asavuma babendawonye.

Phumelele:"Inkinga ikuphi?"

Dani:"Ndlunkulu kuningi."

Phumelele:"Asixoxe lokhu okuncane uyamuthanda lomlisa?"

Angaphenduli

Phumelele:"Uma umuthanda naye akuthanda kukhona okunivimbayo mina ngithi susa lokhu okunivimbayo nijabulele uthando lwenu. Uthando lumnandi uma ubambisene nomuntu ongubambo lwakho."

Dani:"Ubambo lwakho ulubona kanjani?"

Phumelele:"Uyezwa ngaphakathi kuwe awudingi nokuthi uchazelwe."

Bagibele bonke ezimotweni zihambe ekaDumsane ithathe umgwaqo wayo yodwa ibuyele emuva naye uhamba nenhliziyo ebuhlungu…….

***ISIQEPHU 61***

***ESWALALA***

Kuthe makushaya u11 wasebusuku uThabo abafake bonke ezimotweni.

Lwazi:"Mnumzane uzophepha kodwa uCebi?"

Thabo:"Ukanye nami uzophepha."

Bahambe kanye nabonogada sebakhuleke baneliseka maziqhamuka kulowo mgwaqo izimoto lendlu yiyona ekhazimula kakhulu kunezinye. Bakhuleke ngezilimi uMandla noThabo

Mandla:"Wuuuuuu cha uyaganga lombhemu."

Thabo:"Kumele simushise nendlu yakhe."

Msizi:"Nceku yeNkosi kahle mamawala."

Thabo:"Eminye imiphefumulo iyabonakala ukuthi ayidingi ukuba sekukhanyeni."

Oshayelayo amise imoto esangweni lasemzini wababa Lwazi.

Mandla:"Bukani phezu kwendlu."

Mababheka kunenyoka enkulu isimanga uLwazi ubambe uCebi amuqinise.

Thabo:"Cebi phuma umemeze lo uzoqhamuka."

Ehlike uLwazi azame kumulandela amuvimbe uMandla

Cebi:"Usekhona na hhey sengikhona buya uthe udinga usizo."

Angachithi isikhathi avumbuke phambi kwaCebi bamubone bonke ehlike uMsizi ayoma celeni kwaCebile.

"Ngiyabonga."

Amulayele ukuthi ucingo lwakhe lukuphi.

Msizi:"Kungani ungayilandi?"

"Kunento angivimba ngayo angikhoni ukungena."

Mandla:"Landa ucingo lwakho siyiusile lento ekuvimbayo ungabheki okuningi uthathe ucingo ubuye."

Nhloso:"Kulungile."

Baqale bakhuleke basibone isithunzi sinyamalala ngakhona balinde isikhashana inyoka mayiphakamisa ikhanda balulele izandla kuyo bakhuleke nayo ngathi iyalwa. Abuye uNhloso nocingo lwakhe alunike uMsizi.

Msizi:”Hamba uyophumula manje.”

Nhloso:”Ngicela nizobona la angilahlela khona amathambo ami ugogo azokhona kungivalelisa kahle.”

Ahambe noMsizi, Mandla kanye noThabo abakhombe kunomgodi namathambo amaningi. Basaqhubeka ngokukhuleka basuke

Thabo:”Shayelani amaphoyisa kube yiwona azovumbulula lamathambo.”

Bawashayele uThabo aqonde esangweni lakhona kunabonogada kodwa kuphume uPhinda ngokushesha azithele kuThabo.”

Phinda:”Eish.”

Azame kubuyela emva amugxavule  amemeze mabaphuma bonogada bahlangane nezimbila zithuthe izinhlamvu ezibuya ebukhosini. UMandla naye asondele amubambe ekhanda alwe uPhinda pho amandla azobuya kuphi sekabanjwe yonke indawo. UMsizi ulwa nenyoka yena uyayikhulekela isandla sibhekiswe kuyo iwele phansi kuzwakale nokuwa kwayo akhale uPhinda.  Ezwe nje ukuthi inyoka yakhe le.

Phinda:”Ngizonicebosa mina ngidedeleni"

Mandla:”Bamba la bafo ngifuna kumukhipha bonke lobucwebe umkhuba ulapho.”

Thabo:”Yebo baba.”

Bamukhulekele kuwe konke imigexo  bamufasele phansi bangene phakathi bonogada sebaphele bonke. Ajike emnyango uThabo acele upetiloli bawushise umuzi wakhe abantu bashaye izandla bomakhelwane babukele. Bajabule badumise abanye bashaya amakhwele, bakikize. Basondeze uPhinda phambi komakhelwane

Thabo:”Mphakathi kudala anihlukumeza namuhla kuphelile amaphoyisa ayeza ningamushayi akasenawo amandla, kanti futhi laba bebathola usizo lobuthakathi kuye konke kuphelile uyaziphuphela manje, lindani amaphoyisa nabo. Kunamathambo lapha ezingane zebantu bewadliwa ilenyoka yakhe.”

Thobela:”Sizwe sami ngokuzayo uma kwenzeka into enjena ngibokwaziswa kungaze kufike umuntu wangaphandle abone.”

Bavume abantu bangene ezimotweni bahambe uyasha umuzi waPhinda amalangabi aqhamuka naphezulu intuthu yakhona iyanuka phu futhi imnyama. Bona bahamba ngoba abafune kubuzwa kuthi kwenzakaleni. Amaphoyisa nawo afike wababaza umhlolo kwabizwa ochwepheshe kuzocwaningwa amathambo ngokuhlukana kwawo.

Mabafika ebukhosini uThabo abatshele ukuthi bayogeza bonke babuye balindane sebagezile bakhuleke benoMandla bese kuyolalwa.

Ekuseni uDani aphaphanyiswe ucingo lwamawakhe.

Dani:"Mama."

MaKhoza:"Nisale njani mntanami?"

Dani:"Sisale kahle ma kodwa ngikhathele."

Amuxoxele bekwenzeka

MaKhoza:"Phumulake sesi umamezala wakho ungishayele ucingo wathi uyakubiza."

Dani:"Awumutshelanga ukuthi indodana yakhe ingidivosile?"

MaKhoza:"Ngiye ngacasuka mntanami nami ngaphahlula kabi ngoba abekhuluma engehla nje asho kona ukuthi ungumakoti lapha uyafuneka nje."

Dani:"Utheni yena?"

MaKhoza:"Uzathini umangele naye kodwa ngizwile uye waswaba."

Khoza:"Awusatsheli umntwana manje ubumushayelelani ucingo soyagobhoza."

Amoyizele uDanisile

MaKhoza:"Nakhuke mntanami kutholakale ukuthi ubabezala wakho izinto ezinye uzishiye kuwe bafuna wena yonke indawo la abahamba khona."

Dani:"Hayibo abehlanya na lobaba?"

MaKhoza:"Kuyacaca ukuthi abekuthemba ukundlula umkakhe."

Dani:"Manje ngizokwenza njani angikwazi kuphazamisa ubhuti bajabulelene nalabathandazeli, futhi ngathi kukhona abazokwenza namuhla kwenkolo azokwazi kuvula isonto lakhe kahle."

MaKhoza:"Ungamuhluphi mntanami ngizoshayela lomabeka isigqoko emehlweni."

Dani:"Mama nimujwayele kanjani lomuntu?"

MaKhoza:"Samujwayezwa uPayza."

Dani:"Ngizobona ngaye."

Bavalelisane afise ukumshayela yena abuye amuyeke ahambe ayogeza….

***LWAZI***

Lwazi:"Uvukeleni ekuseni kangaka?"

Cebi:"Bengihlanza ngisale ngageza."

Lwazi:"BoKhoza ngathi bayakukhathaza nje balethe la kimi ngikubambele bona."

Cebi:"Bona noma yena?"

Acabange kancane uLwazi abone ukuthi angamtsheli

Lwazi:"Isifiso nje nkosazana.."

Cebi:"Ngeke amawele sthandwa sami sicishe nje leso sifiso."

Bahleke kukokode uDanisile bamuvulele uLwazi makamubona akhumbule ukuthi uke wabona uMihla ahamba ngemoto yakhe.

Lwazi:"Wasingenela ekuseni nje?"

Dani:"Ngizonivalelisa zithandani bayangifuna kwaKhumalo."

Lwazi:"Ohhhh kwenzakalani kaKhumalo bakufuna usahlezi nomndeni wakho."

Dani:"Ubabezala ushonile, ngapha indodana yakhona seyingifake isehlukaniso angazi ngifunelwani nje."

ULwazi noCebi babukane mabezwa igama lokuhlukanisa

Lwazi:"Yazi sesi masifika la sihlale lapha emzini wababa."

Dani:"UCebi ungitshelie izolo."

Lwazi:"Sabona uMihla eza khona ehamba ngemoto yakho, kuwo lomuzi wezimanga besiye kuwo."

Amangale uDanisile kodwa akhumbule ukuthi ubabezala wakhe wathini, axole makacabanga ukuthi yena umulindile azange asifake isehlukaniso nje ngokucela kwakhe.

Dani:"Kuyacaca ukuthi uMihla abeganga ngoNsizwa?"

Cebi:"Lokho kuzokwenza nilungise nomyeni wakho."

Dani:"Uyazi Cebi uNsizwa wazicelela ukudliswa kanje ngalokuthanda amantombazane."

Kuthuleke

Dani;?:"Sihlukene kwaze kwakhishwa namaphepha esahlukaniso."

Cebi:"Phephisa sesi."

Dani:”Ngikahle ukuthuka nje ithi ngihambe imoto seyifikile.”

Bahagane aphume abashiye bexoxa.

Lwazi:”Mhlawumbe uzophila impilo engcono usesi wami.”

Cebi:”Masekasuke kuNsizwa vele uzoba kahle.”

Cebi:”Myeni wami ngikhumbule ekhaya.”

Lwazi:”Siyabuyela namuhla ntambama, ubhuti uyashada angikwazi kuphuthelwa yilokho.”

Cebi:”Ngapha abazali bami bayashada nami ngifuna ukubakhona.”

Nabo baphume makaqeda ukugeza uLwazi……

## ***DANISILE***

UDani ufike wavalelisa wachaza nesimo sakhe kuthi udingeka khabo myeni wakhe.

Thabo:”Dani ngizotshela ubaba wakho akushintshe legama ngoba likubangela  ukuhlala udanile nje ujabhile.”

Dani:”Ngiyabonga.”

Thabo:”Impilo iyaqhubeka emva komngcwano ubanike zonke izimali ubaba akushiye nazo uqale kabusha impilo. Umama wakhona ngeke akuyeke uhambe nengcebo yakwakhe kuyacaca phela ukuthi ikhehla belithembe.wena kakhulu.”

Dani:”Ngiyabonga.”

Msizi:”Buya ngikukhiphe dadewethu.”

Baphume beme phakathi kwegceke amubuke usesi wakhe

Msizi:”Ukube bekungamele nihlukane noNsizwa uThabo abezosho sukuma dade ungasakhaleli lomuntu. Uzothola igama elisha, impilo entsha kanye nenjabulo.”

Bahagane

Dani:”Uphi uMholi?”

Msizi:”Usalele ngizomazisa ukuthi usuhambile.”

Bahagane ahambe uDanisile nangu umulindile uDumsane  ayogibela emotweni ayisuse.

Dani:”Ulale kanjani?”

Dumi:”Ngilale kahle kepha bengikukhumbulile.”

Dani:”Nami bengikukhumbulile Dumsane.”

Dumi:”Umama uthi uyafuneka ekhakhako.”

Dani:”Yingakho ngiya nje.”

Baqhubeke ngohambo uDumsane uyabona nje ukuthi bazobenzela umhlangano babahlanga bese baxolelane. UDani yena akazi athini ngoba kuyamucacela ucasukile. Ahambe naye aze afike kubo

Dani:”Ngiyabonga.”

Dumi:”Ubekahle Danisile ngiyakuthanda.”

Ezwe eshawa uvalo uDanisile babhekane emehlweni asuse isigoko sikaDumsane emehlweni. Asondeze ubuso amuqabule ezindebeni zakhe

Dani:”Angihambi unomphelo Dumi, ngiyakucela futhi ungathandani ngiyabuya, ngiyolungisa la engiya khona.”

Angaphenduli uDumsane amubuke

Dani:”Uthi awungikholwa kuthi ngikuthanda ngempela kepha ngiyazizwa ngiyakuthanda lokhu engikuzwayo kuliqiniso yize ngingakhoni kukuchaza kahle. Uzongilinda angithi? Uma uphazanyiswa imizwa ngicela ushayele mina ngizoyinakekela akekho okumele akusize. Emva kokulungisa  ngizoza kuwe ngokugcwele nemindeni yethu izokwazi ngathi.”

Asuse imoto uDumsane angasehlisanga uDansile

Dani:”Uyaphi?”

Dumi:”Ngihlushwa imizwa.”

Neyakhe ithinteke imizwa ayiqondise kwakhe bangene sebalwa nezimpahla ziphoselwa le nale. Bahluleke ukuyofika egunjini beme khona la emnyango.

Dani:”Ngiyakuthanda Dumsane ngempela.”

Dumi:”Ngiyakuthanda Dani kusukela ufika esibhedlela.”

Amuhlukanise imilenze igxamazele  bayamele ngasemnyango

Dani:”Ungithanda kangakanani?”

Amungene uDumsane akhale uDani

Dumi:”Ngikuthanda kakhulu.”

Baqhubeke lapho emnyango baze baqede babukane

Dani:”Asisebenzisanga ijazi.”

Dumi:”Sizondlula ekhemisti sithenge iphilisi.”

Dani:”Sinezinyanga eziyisithupha sazana.”

Dumi:”Yebo umuhle.”

Dani:”Ngiyabonga ungakhohlwa ukuthi imizwa mayivuka ungilandele la engizobe ngikhona.”

Baqabulane bagqoke amuhambise sekuyahwalala futhi afike kubo ageze agqoke ahlonipheke aye kwaKhumalo. Ahlangatshezwe izinhlamba angena nje emnyango wasegunjini likamaKhumalo.

MaKhumalo:”Kungani ubaba abhalise wena ezintweni zakhe?”

Dani:”Angazi mama kepha ngizokusayinda konke ngibazise nabameli ukuthi ngikubuyisela kuwe mina angikudingi.”

MaKhumalo:”You better nje, kusasa sizovuka uzokwazi kukhuluka ezinye izimali.”

Aphume uDani ayongena egunjini likaNsizwa uhlala asebenzisa lona makala kubo. Ahlale khona uyazizwa akakhululekanga ngokuba la. Ngakusasa kuvukwe ekuseni kuyokhokhwa konke bekulinde uDanisile…….

***ISIQEPHU 62***

***KWANSIZWA***

Sekundlule izinsuku ezimbili uPhinda eboshiwe namuhla uLwesine uNsizwa ubuke uMihla ulele kusofa ingane iyadlala uyasibona isisu. Asondele asiphulule indandatho kaMihla ikhanyise okumnyama manje. Amangale ngoba uke wayibona ikhanyisa okomunye ombala.

UMihla uyaphupha sekaqala ukukhala ephusheni amuvuse uNsizwa avuke gubhu ahlale ngezinqe. Akhiphe wonke amehlo makabuka uNsizwa avele abe ubaba wakhe uKhumalo. Asahlahle amehlo kuphume igazi entanyeni yakhe amemeze uNsizwa athuke naye abuye amubhekisise abone kuwuNsizwa, akhale.

Nsizwa:"Kwenzenjani"

Mihla:"Iphupho elibi nje."

Asukume uNsizwa athathe ukhiyo wemoto

Mihla:"Hawu uyaphi ngoba kuyahwalala manje?"

Nsizwa:"Ngiyabuya."

Mihla:"Ungangitsheli ukuthi uyabuya ngithi uyaphi."

Amubheke uNsizwa

Nsizwa:"Hhey ungalinge ungiphakamisele iphimbo mina ngiyakutshela ngiyabuya ufuna ngithini manje."

Aphume uyazikhumbula ashayela ummeli wakhe ucingo kuthi ahambise lesahlukaniso, amushayele lungangeni ucingo lwaDanisile ashayele umyeni wakhe.

Nsizwa:"Have you delivered them?"

Meli:"Yes mr.Khumalo and your wife or should I say your ex wife signed them and bought them back."

Nsizwa:"Are they processed yet?"

Mmeli:"Yes you are now a single person."

Nsizwa:"But ….."

Mmeli:"Mr Kumalo im late for a meeting you will receive your letter of declaration."

Nsizwa:"Declaration yani?"

Mmeli:”You are declared single again.”

Avale ucingo lwakhe uNsizwa aqonde kubo kunezimoto angazazi, makangena ekhishini nangu uDanisile uyasebenza naye. Amubuke muhle uDanisile wayehlala achazwa izinkophe zakhe, ziningi zigobekile ngathi uzikhelile.

Nsizwa:”Sawubona Danisile.”

Aphenduke amoyizele uDanisile kepha amuzwele ngoba akasinguye uNsizwa amaziyo.

Dani:”Unjani?”

Nsizwa:”Ngiyaphila.? ufike nini?”

Dani:”Izolo.”

Kuqhamuke uKhethiwe

Khethiwe:”Hawu ndodana wafika sihamba nje kumele uyokhethisa umawakho ibhokisi mina sengizohamba nawe Danisile kuyolanda lemigqomo utshwala buyabila.”

Amangale uNsizwa abiphise nesiphongo kufike kuye ukuthi ubaba wakhe usesibhedlela futhi inkulumo kamamncane wakhe ikhomba ukuthi kukhona oshonile. Abashiye lapho ayongema egunjini labazali bakhe makabona umatilasi ubekwe phansi kumucacele ukuthi ubaba wakhe.

MaKhumalo:”Ndodana.”

Nsizwa:”Kungani bengingatshelwa mina mama?”

MaKhumalo:”Uhlala uvalelene nalentombazane angithi  thina sizokwazisa njani yebo ubaba akasekho siyamubeka ngoMgqibelo.”

Ahlale phansi uNsizwa azinwaye ekhanda adonse umoya

Nsizwa:”Kwenzakalani kanti mama ngapha ngihlukanisile nenkosikazi yami?”

UmaKhumalo athuke babukane nogogo lo uhlaliswe nguye kumatilasi.

MaKhumalo:”Ini? uDanisile ukudivosile akasho lutho la kimi.”

Gogo:”Ningenzi umsindo sesi hamba nendodana niyokhetha indlu kamufi nizobuya sengimulungisele okuthile azokuphuza. Ngiyamubona uyahlaphuka manje amandla sewakhathele.”

Bahambe amehlo mabafika ekhishini akuDanisile baphume usuku lonke bayalungisa nomawakhe uyazihudula amahlombe ayasindwa nje ngathi kuthona akuthwele. Ziqhubeke izinsuku kufike nosuku lomncwabo uNsizwa sekaya kwakhe kuyoshintsha kuphela aphinde abuyele kubo. NgoMgqibelo uMihla ahambe naye bayongcwaba uKhumalo. Abantu beze ngobuningi kugcwale kukhona noSbongile nomawakhe kanye noMsizi. USinalo afike naye muveni bahlale ndawonye bobane.

UDumsane yena inhliziyo inovalo kuthi ngeke asabuya kuye uDanisile, umndeni wakwaKhoza ungazihluphi nje ngokuya emngcwabeni. Kuyiwe nasemathuneni konke kuhambe kahle masekudliwa ekhaya uMsizi aye kudadewabo.

Msizi:"Dade ngeke ngikushiye la usukwenzile konke."

Dani:"Ngicela ungilinde bhuti kancane nje."

Bezwe sekubabaza omunye woAnti amehlo alandele lomsindo aqonde kuSbongile nomawakhe.

Anti:"Bhuti iza uzongibonisa nawu umhlolo lona uKhumalo."

Adonse amehlo abantu afike abambe isandla saSbongile amudonsele endlini abalandele umamYoliswa ingane yakhe le. Umndeni ulandele wonke kuvalwe umnyango. Asukume ubhuti kaKhumalo aye kuSbongile.

:"Akudingi nokuthi sibuza umama evuka lo ubhuti wake wangitshela ukuthi uyitholile ingane yakhe indodakazi yakhe. Uficwa ukufa nje wenza amalungiselelo okuthi azolungiselwa kahle ekhaya. Mntanami uphi umawakho?"

Amukhombe amuxhawule ubabomncane kaNsizwa boAnti bamuhage bobathathu lo wokuqala uze uyakhala.

Anti:"Haaawu ingane kabhuti ingane kabhuti kodwa buka umuhle kanjani."

UMihla angene amangale naye afica uSbongile agonwa ngapha nangapha ekubeni yena enganakwanga yize akhulelwe umzukulu wabo. UNsizwa udliwa amahloni okuhalela usesi wakhe wacishe wamudlwengula usesi wakhe, nakhu uyamubona phela uyafana nomndeni wakhe.

Babomncane:"Ngifakele inombolo kamawakho la emva kwakho konke lokhu ubabomncane uzokulungisela mntanami izimfanelo zakho, uzovuma indodakazi yakho ithathe isibongo sayo?"

Ubuza ubheke umamYoli

MamYoli:"Lokho kuzophuma kuye mina ngeke ngimunqabele."

UmaKhumalo uyabila uyavutha uze uyajuluka igazi lakhe liyakoka ngathi libekwe eziko, baqhubeke nokumuhaga. Kungene uDanisile

Dani:"Ngiyaxolisa kuphazamisa mama nangu ummeli uthi ubona wonke umuntu uphelele yena unohambo ucela kufunda ifa namuhla ngoba uya phesheya."

MaKhumalo:"Mungenise."

Bangene bahamba babili abantu abaningi babazi njenge ndodana noyise umamYoli abambe uSbongile kuthi baphume omunye ummeli amukhumbule.

Mmeli:"Mama ungaphumi ungahlala phansi."

Acasuke umaKhumalo kepha usazincenga afunde amagama abantu abafunayo laba abangafundwanga baphume. Kusale kuthulekile amehlo akuba mmeli  belokhu bekhipha amaphepha.

“Sanibonani mina ngiwummeli kababa kanye nendodana la kudala ubaba sisebenzisana naye, undodana uzofunda ifa lakhe uThami.”

Naye abingelele

Thami:”Nginepulazi engalithenga ngithi ngizothi mangikhathala ngiyohlala khona linemfuyo nakho konke, bhuti wami omncane ngilishiya nawe.

Isitolo semifino nezithelo siyakhula nginezinye izitolo kwamanye amadolobha ayisithupha. Kukhona esinye esakhiwayo phakathi eGoli kusukela namuhla zonke zisezandleni zikaSbongile indodakazi yami engiyithole manje. Ikhule ihlupheka ngaphandle kwami.”

Liqhubeke limukokele igazi umaKhumalo.

Mmeli:”Izimoto izindlu imali yonke esebhanki ekwendodana yami yodwa kodwa ngimushiyela ezandleni zenkosikazi yakhe uDanisile. Ndodana lungisa impilo yakho akukho ozokhona kukusebenzisa ngaphandle komkakho. Ngisho indlu le ohlala kuyo uyazi azange uzithengele eyami manje sekungeyaDanisile. Indlu le engihlala nayo nomkami nayo eyaDanisile nakho konke okuphakathi kuyo.

Danisile uhlukumezekile makoti kulomuzi ngiyazi kubuhlungu ngengane le ezayo ngicela lengane uyikhulise kahle ngayo lemali kube khona ekutholayo. Size sibonani kwelizayo.”

UmaKhumalo sekashintshe nombala manje bonke bayabona ukuthi makasukuma la kukhulu azokwenza. UNsizwa naye ucasukile ubheke uDanisile ubaba wakhe angayenza njani into enje athembe yena kundlula indodana yakhe.

Babomncane:”Makoti hamba uyolanda izimpahla zakho ngikuhambise.”

Naye ukhulunyiswa ukubona ulaka oluphuphuma kumaKhumalo afulathele uDanisile azilande abammeli bahambe nabo namapotimende abo. Ngaphandle sebahambile abantu kusele abasebenzayo. Makabuya uDanisile andlule ngakuNsizwa amugxavule isandla.

Nsizwa:”Ubulala nobaba vele?”

Dani:”Ini?”

Nsizwa:”Njalo masixabana ubuza ugijima la njalo bengikufica ududuzwa ubaba ubulala naye Dansile.”

Dani:”Ngiyeke Nsizwa."

MaKhumalo:"Gogo lamantombazane womabili kungasi asaphila anginandaba kuthi lokho ukwenza kanjani kepha loDansile wakhona noSbongile bayafa."

Ukhuluma uyahleba abantu basamangazwa inhlamba kaNsizwa

Gogo:"Bayafa namuhla izilwane sezihle zilandela loSbongile manje."

MaKhumalo:"Azimulandele nalo."

Asukume umaKhumalo

MaKhumalo:"Muyeke ahambe ndodana yenzekile intando yakhe, yikho bengihlala ngibhekene nakho lokhu."

Athuke naye ubabomncane pho uyamazi ubhuti wakhe wayengacushwa ezintombini abe namahloni athathe isigqoko sakhe asithwale. Kungene uMsizi ayohluthula usesi wakhe kuNsizwa amuphushele le. Abambe uDani ngesandla amehlo aqonde kumaKhumalo aphinde abheke logogo uMsizi eside isikhathi baze baphume . Ashayele umamYoli ngaphandle amutshele ukuthi uhambe nobabomncane nomunye uAnti kaSbongile bazobashiya endlini.

Agibele emotweni nosesi wakhe

Msizi:"Ungayamukeli lemali ngamane iye ezintandaneni."

Iso likaMihla nalo ligcwele ubumnyama okokuqala akanakwa ukuthi ungumama wengane yakulomuzi. UNsizwa aphume aqonde emotweni yakhe amulandele uMihla

Mihla:"Baby uyaphi?"

Angamuphenduli naye agibele ngokushesha ayisuse imoto iqonde kakhe angene ucasukile inhliziyo ibuhlungu ubaba wakhe akamuthembi. Ayozivalela egunjini akhale lapho amulandele uMihla emva kwesikhathi ezivalele avule amehlo abo ahlangane anikine ikhanda.

Nsizwa:"Ufunani?"

Mihla:"Ngikhathazekile ngawe."

Amushiye ayophuma nemoto asale athinta lendandatho uMihla

Mihla:"Buya Nsizwa ngizokuzwisa ubumnandi ukhohlwe."

Uthe makezwa ukuduma kwemoto sekuhwalele kumnyama nasendlini wajabula wafa uMihla. Angene uNsizwa ahamba namantombazane amabili enye inezinqe ezingaka enye incane emzimbeni.

"Ohhhhh kukhona opregi usile wena sobathathu?"

Nsizwa:"Ngifuna nina ningibuyisele igazi."

Omunye amuqabule omunye udlala ngesitho sakhe ubukile uMihla akakholwa ume khona la noma amehlo akhe ahlangana newaNsizwa akathuki azibambe isisu sakhe athinte indandatho yakhe kungabi nomehluko. Ezwe seyimemeza enye intombazane ile yezinqe uyingene ngemuva ulokhu uyazishaya ngapha ubiza igama likaDanisile. Uyakhala uNsizwa izinyembezi uyabonakala lento uyenziswa ubuhlungu angazi ukuthi kumele abulawule kanjani.

Walala nalamantombazane uMihla wayokhala egunjini waze wazumeka ekuseni avuswe ukukhala kwamanzi kuphume uNsizwa endlini yokugezela aye kuye.

Mihla:"Ungenzani kodwa Nsizwa?"

Nsizwa:"Uma kunzima umnyango uvuliwe nesango kanjalo."

Mihla:"Ngihambe nengane yakho?"

Nsizwa:"Lengane eyangihlukanisa nenkosikazi yami engiyithandayo anginamsebenzi."

Kudabuke amanzi ngaleso sikhathi amubuke uNsizwa agqoke ahambe, imoto yakhe mayisithela nje kungene uDanisile nobhuti wakhe. Uzolanda okwasala konke ngoba akafune kuthakathwa yena. Bafice uMihla akhala abamangalele naye uDani angabingeleli ayothatha izimpahla zakhe zonke nalezi bekangazigqoki. Bapake masebahamba amubheke uDanisile

Dani:"Ukahle?"

Mihla:"Ingane isendleleni sisi."

Dani:"Siphi isikhwama?"

Amutshele kuthi sikuphi asilande uMsizi baphume bamuyise esibhedlela masekamushiya khona

Dani:"Ngikufisela inhlanhla nenjabulo njengomndeni mina angisekho ezimpilweni zenu nakancane."

Afulathele uDanisile….

***ISIQEPHU 63***

***KWANKOSI***

Ekuseni basalele kukhale ibheli ayobheka ubabMongezi avule ngokushesha imoto ingene kube nguye ovula umnyango wemoto aphume uCebi ahage ubaba wakhe abuye axhawule noLwazi. Umndeni wonke ubajabulele bamangazwe umfowabo Lwazi. Nesisu sesiyabonakala kancane. Kujatshuliwe kakhulu futhi

Cebi:"Uphi uSbongile?"

Sinalo:"Ukhona."

Cebi:"Awukamuhluphi?"

Sinalo:"Lutho dade kumele ngihambe nje uya komunye umcimbi bathi isemhlangeni."

MamGugu:"Uyokwenzani lapho ngoba umgidi wezingane wamatshintshi?"

Sinalo:"Uthe uyobasiza ngokuthile."

Cebi:"Ngingahamba nani uyazi kumnandi njani lapho."

Kukhale ucingo lwababMongezi alubambe akhulume kancane bese ubheka uNathi.

BabMongezi:"Ingane itholakele iyaphila."

Nathi:"Ngempela ibikuphi?"

BabMongezi:"Yasizwa umuntu ozindlulelayo nje ngoba lo bekatshontsha lemoto wabona mveni kuthi ingane isele wayishiya lapho emgwaqeni yathathwa ingelosi nje yazihlalela nayo."

Asukume uNathi

Nathi:"Mndeni wami kukhona la okumele ngiye khona ndoda ngijabulela ukukwazi, Cebile sengenze umalume njalo, ngiyaxolisa ndoda ngako konke."

Abaxhawule bonke agcine ngoVusi amubheke uNathi amangale naye isandla ulokhu usibambile."

Nathi:"Isandla sami."

Sinalo:"Mmmmm Lwazi."

Vusi:"Ngiyaxolisa indaba amehlo akho angifanela akunankinga ngiyaxolisa."

Aphume agijima uNathi ubabMongezi amutshele nokuthi uzoyithola kuphi ingane. Asale aphuma noSinalo avalelise

BabMongezi:"Wena mfana ningezi ukungezwa la eniya khona abantu basemakhaya bashayana kabi."

Sinalo:"Khululeka thayma."

Bavalelise uLwazi newele lakhe sebaya ekhaya kubo kwaKhoza uCebi asale nabazali bakhe…….

***NATHI***

UNathi afike la alayelwe khona ayithole ingane azibonele ingane ifana neyakaLwazi. Ihlezi nomama obezihlalela nayo.

Nathi:"Sawubona mama."

Mama:"Ingabe nguwe ozolanda ingane uhlobene njani nayo? Ngeke ngikunike yona."

Nathi :"Ngiyazwisa singahamba sonke uzobona umawayo."

Lo wesilisa abanayo

"Ngeke asuke aqambe amanga munike inombolo yakho sihambe bazokushayela nomama wengane sengishawe isikhathi sasemsebenzini."

Nathi:"Ngingahamba nabo ngimulethe umama ngoba ngathi akagxulisekanga futhi ngiyazwisisa."

Baba:"Cha asikho isidingo mnumzane Nkosi ngeke uqambe amanga ungumuntu obaluleke kangaka ekuhlaleni. Mina ngisebenza emayini kababa wakho ngiyawazi umndeni wakho."

Mama:"Hawu baba ubungasho ngani?"

Bamunike ingane iqale ikhale kepha ayithathe aqonde kaNokuthula amushayele ucingo

Nathi:"Ngivulele isango ngisefulethini lakho."

Nokuthula:"Angikho ngiseSwalala kepha ngingeza selokhu wanyamalala awungithinti."

Nathi:"Ngathi kukhona bekakhumbule omunye nje?"

Nokuthula:"Kahle hawu."

Nathi:"Ungakhathazeki ngizoza lapho kuduzane lapho."

Nokuthula:"Ngizoza lapho vele ngizothenga."

Nathi:"Ngitshele okudingayo ngizokuphathela."

Amutshele bese uyavalelisa baqale ezitolo nengane ilokhu iyamuphazamisa ngokufana nengane kaLwazi. Agcine sekayithatha nesithombe asithumelele uCebile aqhubeke nohambo. Amushayele ucingo la endleleni uCebi

Cebi:"Bhuti lengane eyakaLwazi?"

Nathi:"Angazi ingane beyilahlekile le ubaba uyitholile ngiyimukisa kumamncane wayo."

Cebi:"Kuphi:"

Nathi:"ESwalala."

Cebi:"Kungenzeka ingane yewele likaLwazi."

Nathi:"Uqinsile uLwazi ngeke akwenze lokho."

***KWAKHOZA***

Nakhona kujatshuliwe kuze kufike uMholi akasho lutho kwindodana yakhe uKhoza.

Mholi:"Baba ngisenkingeni ngicela ungixolele."

Khoza:"Usuwenzeni manje Mholi?"

Mholi:"Mangisuka eSwalala ngahamba ngayofuna indodakazi yami bangitshela ukuthi yalahleka umawayo wadutshulwa washona babaphuca imoto umamncane wayo naye akaziwa wayaphi."

Khoza:"Uyayibona imisebenzi yakho Mholi kwenzeke lento owayenza kaNkosi sizothi ikuphi ingane yentombazane futhi."

Akhake uMholi kuze kuthinteke nomawakhe athambe naye uKhoza ayohaga indodana yakhe.

Khoza:"Sizoyithola ingane izotholakala ungakhathazeki."

***NOKUTHULA***

Ulokhu uyalunguza abuyele endlini

MamSenzi:"Cha uza nezimanga lomlisa  uze uzilungise ubemuhle kanje."

Nokuthula:"Kulesonto elizayo ngibuyela emsebenzini uzosala wedwa."

MamSenzi:"Kuncono ngoba sengiyakwazi ukuzenzela ngiyabonga ngane yami iNkosi ikubusise. Ngiyafisa nokuthi uyithole ingane kasesi wakho."

Nokuthula:”Mhlawumbe wayibulala lomfazi  ngeke ngilukhohlwe unya olwalusemehlweni akhe.”

MamSenzi:”Kunzima ukuthi umyeni wakho akushiye ayokhulelisa ngaphandle mhlawumbe naye wenziwa inhliziyo wangacabanga. Nakhu nami ngaphucwa ingane.”

Nokuthula:”Okwakho kuncono mama lowa sesi vele wayezimisele ukubulala udadewethu ngendlela amudubula ngayo aphindelela.”

MamSenzi:”Makangakusiza lomlisa wakho kuzomele umucele akufunise abazali bakho mhlawumbe basaphila.”

Nokuthula:”Basilahla ngoba bangasifuni mina ngizoba funelani.”

MamSenzi:”Uyabakhumbula ukube awubakhumbuli ubungeke uhlale ugonene nesithombe sabo. Nayi imoto ngaphandle ucele lomuntu akusize.”

Ngempela kume imoto ngaphandle amoyizele uNokuthula.

MamSenzi:”Nali lifika isoka lakho.”

Nokuthula:”Akasayilutho yami mama.”

MamSenzi:”Kudela owaziyo ukuthi loncumo luchaza ini.”

Bezwe amapulastiki ebekwa ngaphandle emnyango aphume uNokuthula babingelelane athathe izimpahla azifake endlini.

Nokuthula:”Ngena uzobona umama owangicosha la emgwaqeni benendodana yakhe ngoba ngangibaleka.”

Nathi:”Ngicela kukubonisa okuthile kuqala.”

Aye emotweni uNathi ayivule kuphume ingane makayibona ebusweni amemeze uNokuthula aphume aqhasha umamSenzi athuswa ilokukhala kwaNokuthula. Ithuke ingane ibambe uNathi kakhulu seyithuswa umsindo wanina omncane. UmamSenzi angasabheki uNokuthula abuke lomfana osegcekeni lakhe. Amangale noNkosnathi kuthi ubukelwani kangaka. Asondele uNokuthula abahage bobabili, uNathi makezwa izandla zikaNokuthula emzimbeni wakhe athuke amubambe naye amuqinise.

Nokuthula:”Ngiyabonga bhuti kakhulu.”

Yehlike ingane iziyele kumamSenzi okhalayo bangene endlini uNokuthula asale akhala esifubeni sikaNathi naye amubambe azizwe uyafuna kumuthulisa nokumususela konke okumzwisa ubuhlungu kulomhlaba.

Nathi:”Sekwanele ingane yasesi wakho itholakele.”

Beme lapho amuthulisa agcine sekamususa kuye babukane amuqabule amuyeke futhi.

Nathi:”Kuzomele ngihambe manje.”

Nokuthula:”Mana angazi noma uzocasuka kepha ngathi kulula kuwe ukucinga abantu.”

Nathi:”Kwenzenjani?”

Nokuthula:”Abazali bami basishiya ezintandaneni nginesithombe sabo siyizingane sibathathu nabo ngicela ungicingise bona.”

Nathi:”Ithi ngibone leso sithombe.”

Aye endlini asithathe abone umamSenzi ngathi uyakhala angamubuzi azitshele ukuthi uzokhuluma naye sekahambile uNathi. Afike ngaphandle amunike isithombe asibheke uNathi abheke uNokuthula abuye asibheke.

Nathi:”Nawu umhlolo wami Nkosi yami.”

Nokuthula:”Uyabazi?”

Asibuke futhi

Nathi:”Noma basebancane kepha yibona, nibathathu la izingane uphi lo omunye?”

Nokuthula:”Kuthiwa bathatha yena bashiya thina. Usisi abemudala alanywa yilo abahamba naye bese mina ngiwokugcina.”

Nathi:”Bebangashiya wena umuncane?”

Nokuthula:”Into engangihlala ngizibuza yona leyo.”

Nathi:”Uyasazi isibongo sabo?”

Nokuthula:”Eya ngiyasazi basishiya sisebenzisa sona namanje ngisasebenzisa sona, ngicela ungisize bhuti.”

Babukane uNokuthula azihlome kuye amuhage lumushaye uvalo futhi uNathi phela laba abazali benkosikazi yakhe uAmanda. Noma basebancane esithombeni kepha uyababona. Uyasaba nokubuza lesibongo kuthi yibo nangempela na. Ahlale belokhu bebambene beyamele ngemoto uzizwa ekhululekile nakuye.

Nathi:”Ungowakabani Nokuthula?”

Kuphume umamSenzi uyakhala naye kodwa akamemezi amubheke uNathi azame ukuyeka uNokuthula.

Nokuthula:”NgingowakwaMzobe.”

MamSenzi:”Nkosinathi ndodana ingabe nguwena indodana kaMondli Nkosi ave ufana nobabomkhulu wakho uMongezi uma unguye.”

Bakhulume ngesikhathi esisodwa iiphume nengane iyobamba umlenze kaNkosinathi.

Nathi:”Ulazelaphi igama lami kanye nomndeni wami?”

MamSenzi:”Yimina uSenzeni wena uyindodana kaMondli Nkosi ngiwumawakho okuzalayo.”

Nokuthula:”Hayibo.”

Angene emotweni uNathi imukhalele ingane imemeze kakhulu ayithathe asuse imoto ikhanda liyaduma kuye. Ahambe angemi ndawo aze afike kubo nengane nayi emva kwakhe.

Nathi:”Baba.”

BabMongezi:”Kwenzenjani ndodana wabanjena?”

Nathi:”Usamukhumbula lomama owangizala ungamukhomba?”

BabMongezi:”Yebo ngiyamazi uSenzeni igama lakhe.”

Nathi:”Ngimubonile wavele wazichaza.”

BabMongezi:”Ngimukise kuye.”

Nathi:”Anginawo amandla baba kuningi nje, mama ngicela ungibhekele lengane nayo iyangikhalela. Ohhhhh Smakade kwenzakalani.”

Abashiye lapho nengane ingafuni lutho imulandele igibele phezu kombhede ilale celeni kwakhe angasho lutho uNathi akhale.

Nathi:”Amanda yini le?”

Isithombe uhambe naso anganakile……..

Avuke ntambama ingane isalele celeni kwakhe amoyizele aye kubazali bakhe abatshele konke okwenzekile kusukela emathuneni.

BabMongezi:”Mangabe uthanda lengane ayikho inkinga.”

MamGugu:”Landa lentombazane ndodana mina ngibona ngathi nihlanganiswe uAmanda. Uma sonesiqiniseko sizoya kwaMzobe yibona abazophuma neqiniso.”

BabMongezi:”Uyayithanda na?”

Amoyizele uNathi abheke phansi……

***ISIQEPHU 64***

***SINALO***

Sebasendleleni ebuyela emuva uSinalo usamangele uSbongile uyintombi nto akazi kuthi athini.

Sbo:"Uthulile selokhu sibuyile?"

Sinalo:"Sbongile kungani ungazange ungitshele kuthi uyintombi nto."

Sbo:"Bengifuna uthole ngosuku lomshado, kukuphatha kabi?"

Sinalo:"Cha kepha ngithukile."

Sbo:"Ngicela ungiphathe kahle."

Sinalo:"Ngizokuphathisa okweqanda oyilo ngeke ngisakucela nocansi ngiyazwisisa kungani manje. Kunento okumele ngikutshele yona."

Sbo:"Yini?"

Sinalo:"Lomuntu owacishe wakudlwengula emotweni ubabomncane wami."

Sbo:"Ini?"

Sinalo:"Yebo kudala ngifisa ukukutshela kepha ngisabe ngoba sabese siyathandana."

Sbo:"Angisayi kini ngimukise ekhaya."

Sinalo:"Ubusucelile kumawakho nje kuthi uhamba nami."

Sbo:"Nginesikhiyo sami ngimukise ekhaya."

Sinalo:"Hawu bengisaba ukukutshela ngempela ngiyaxolisa kodwa ngizwa ngiyathukuthele ukuthi wabonela ubabomncane ugwaygway wakhe ewami usaba nokuwubamba."

Amangale amubheke uSbongile ahleke

Sbo:"Kanti uyagula yini?"

Sinalo:"Ngiyaxolisa tshitshi lami."

Sbo:"Mxm uzosinda ngoba angikwazi ukukuthukuthelela."

Sinalo:"Siya kuphi manje?"

Sbo:"Kini slima."

Amoyizele uSinalo aqhubeke nendlela.

Sinalo:”Unqunu kodwa yazi Sbongile.”

Sbo:”Ngizozivala mangingena kini ungakhathazeki, kulesonto elizayo ngiya kwababomncane.”

Sinalo:”Ngizohamba nawe ngizobhukha Iomndeni wakho angiwuthembi.”

Sbo:”Umama nobaba bazobe bekhona.”

Sinalo:”Uyazi ubaba wakho ungubhuti waLwazi malahle?”

Sbo:”Bayafana yazi kodwa abanakeki.”

Sinalo:”Kusho ukuthi masikwaKhoza ubaba wakho uzoba ubhuti wami mangiya kini sekawubaba.”

Sbo:”Ave ngimuthanda yazi ushintsho afike nalo empilweni kamama luyamangaza.”

Sinalo:”Ugwaygway wami ubuhlungu into ongenze yona namuhla.”

Babukane acabange uSbongile

Sbo:”Ungadlali ngami mina ngifuna kube nguwena obutholayo.”

Sinalo:”Ngiyabonga sthandwa sami.”

Sbo:”Ngizokucinga ngize ngikuthole masingahlukana la ngikucele ukuthi buya uzothatha ubuntombi bami bese uyahambake ngoba isifiso sami ukubunika wena.”

Ahleke uSinalo bafike kubo ehlike yedwa.

Sinalo:”Ngizoza nento yokuzivala ngoba baphelele ubhuti angaze abuke amathanga etshitshi lami.”

Sbo:”Zikhona esikhwameni ngemuva.”

Asikhiphe uSinalo amunike sona afake ibhlukwe lakhe libe ngaphansi kwemvunulo yakhe  kufihleke izinqe lezi.

Sbo:”Haaaa uyahawulisa uma usunje?”

Sinalo:”Ngizobekezela ngizothini uthando lungibambile.”

Sbo:”Ubulala namantombazane ahlukene mhlawumbe uyawakhumbula.”

Sinalo:”Lutho kuwe ngize ngijabulela ukuvukelwa ngingatholi.”

Bahleke baphume abazali baSinalo kanye noNkosnathi bamangalele ukugqoka kwaSbongile phezulu amabele afihlwe ubra owenziwe ngobuhlalo. Eme emva kwaSinalo abingelele.

MamGugu:”Nibuyaphi?”

Sinalo:”Emhlangeni niyaphi mama?”

MamGugu:”Siyabuya kodwa kungenzeka sibuye kusasa.”

Sinalo:”Manje lengane?”

MamGugu:”Sizokuxoxela masibuya mfanami.”

UbabMongezi noNathi bangene emotweni uNokuthula ulokhu ushayela uNathi ucingo. Asondele kubo umamGugu abheke uSbongile.

MamGugu:”Mntanami uqhubeke nokuziphatha kahle kulesikhathi sanamuhla ngiyaqala ukubona itshitshi elingaka ngawe. Nawe ndodana ngiyabonga ngokumnakekela bengicabanga ukuthi nihlala niganga manizivalele egunjini lenu. Wena uzolotsholwa yimi.”

Bahleke amuhage umamGugu

MamGugu:”Valani lomnyango ndodana.”

Sinalo:”UCebi uphi?”

MamGugu:”Ukwakhe.”

Bangene endlini avale ahambe ayogeza uSbongile kukhale ucingo lwakhe alubambe.

Anti:”Ngane yami sikubuke ezindabeni usahamba umhlanga?”

Sbo:”Bekuyisipho sikamama nje kepha bengigcina kulonyaka.”

Anti:”Siyakubongisa ntombazane.”

Aluvale….

***<u>MAKHUMALO</u>***

MaKhumalo:”Yini kanti enzima ekubulaleni lengane?”

Gogo:”Ubaba wayo uyakhuleka lomfana othandana nomawakhe unamanye amandla izilwane zami azikwazi ukumusondela. Kanti noKhumalo uthukuthele ugane unwabu uhlala amubhekile.”

MaKhumalo:”Akukho kuhle lokhu.”

Gogo:”Manje kodwa kuvuleke intunja njengoba asasemsulwa nje namuhla ngizomuthumelela ngesilwane sizomulala kuye kuzoba ngathi iiphupho kanti lesilwane sesithatha ubuntombi bakhe sizoshiya ukuncola kuye obuzomubulala.”

MaKhumalo:”Leso silwane sizomusondela kanjani ngoba uthi uyakhuleka lostepfather wakhe?”

Gogo:"Ukhulekela okuningi  lokhu bobuntombi akakukhulekeli."

Amoyizele umaKhumalo

MaKhumalo:"Masisheshe usenze leso silwane sibe yinsizwa ebukekayo."

Gogo:"Ungakhathazeki kuzoshaya ihora lesibili entathakusa sekaphelelwe ubuntombi uzolokhu azitshela ukuthi usasemsulwa kanti cha."

Bahleke

***__SBONGILE__***

Sbo:"Azange usangitshela ukuthi uhambe kanjani kwi interview."

Sinalo:"Angithi manginawe uhlala ungivala ukucabanga ngikhohliwe, bangithathile kodwa as an intern."

Amujabulele amuhage

Sinalo:"Ngiyeke phela wena ngathi uyajabula ukudlala ngemizwa yami."

Sbo:"Uyakhumbula ngenkathi simile ekhaya ngaphandle ebusuku?"

Sinalo:"Ngiyakhumbula."

Sbo:"Wangikhiphisa okumnandi angazi okwakwenzeka."

Sinalo:"Uyabufisa lobo bumnandi futhi?"

Sbo:"Ngihlala ngibufisa."

Sinalo:"Ngizokuchamisa kodwa kimi kuba buhlungu."

Sbo:"Kuba  buhlungu kakhulu?"

Sinalo:"Awufisi nokwazi."

Asukume ayogeza izitsha bebedla ngazo amusize uSbongile

Sbo:"Ungasangizwisike angifuni uzwe ubuhlungu."

Sinalo:"Ungangichamisa ngokungimunca."

Sbo:"Ngimunce ugwayi?"

Sinalo:"Please im dying here especially today kukubona ushaya indlamu uphakamisa nalomlenze uya le ngifile."

Amubambe izinqe athuke nemizwa imulimaze ngoba akunaphenti ugqoke ilokwe ahlala alishiya khona la. Amubambe kakhulu eme emva kwakhe

Sinalo:”Ngiyakucela akunamuntu ngifuna ukuzwa ukuthi ukhala kanjani.”

Sbo:”Kulungile.”

Baye egunjini labo baqabulane aqale amulalise abheke phezulu amukhumule lelokwe amubuke lomzimba omuhle aheheke kakhulu uSinalo.

Sbo:”Ungayifaki.”

Sinalo:”Ngeke ngiyifake ungafuni.”

Azikhumule naye amuhlukanise imilenze amungene ngolwimi athuke uSbongile kepha alalele.

Sbo:”Ahhhhhh Sinalo.”

Aqhubeke amudlalise ngolwimi aze alifake ukuzwa ukuvaleka kwesitho sikaSbongile kumuhalise kakhulu uSinalo. Aqhubeke ngokumdlalisa aze achame akhiphe iphimbo angalazi naye uSbongile abuye ebusweni baqabulane. Azibambe isitho sakhe asifake phakathi  kwamabele.

Sinalo:”Wahlanganise sthandwa sami ungivalele ngawo.”

Awabambe amabele wakhe womabili uSinalo enze kulesikhala asenzelwa amabele noma kumnandi kepha inhliziyo ilangazelela ukuya ngaphambili. Awayeke amabele abuye amuqabule.

Sinalo:”Ngiyakucela sthandwa sami ngeke sihlukane.”

Sbo:”Uthembisile kuthi ngeke usangicela ucansi.”

Sinalo:”Ngiyahluleka Sbongile umuhle sengikuhalele angisazi ngenzenjani, ngizokushada.”

Sbo:”Nini?”

Athathe ucingo lwakhe asuke kuye izandla ziyaqhaqhazela umthambo ugcwele yonke indawo. Aluchofoze abeke esandleni

Sinalo:”Baba ngicela maniqeda ukulungisa lokho enikulungisayo sengifuna kuyolobola manje.”

Aphakame uuSbongile amubheke esinye isandla sisesithweni esinye sibambe ucingo.

BabMongezi:”Unesiqiniseko?”

Sinalo:”Nginesiqiniseko baba esigcwele.”

BabMongezi:”Wathi uzoshada mawubuya kuletour yenu?”

Sinalo:”Angisayi baba.”

BabMongezi:”Sizokhuluma masibuya kusasa.”

Aluvale

Sbo:"Ungangithembisi kungishada ngoba ufuna kungilala mina ngifuna ungishade ngoba ungithanda."

Sinalo:"Ngiyakuthanda lokho ngeke kushintshe."

Amuncenge agcine sekavuma uSbongile emva kwamahora amabili amuncenga uSinalo.

Sbo:"Ungangilimazi."

Sinalo:"Kuzoba buhlungu kepha ngizokuncenga kahle."

Baqhubeke nokuqabulana aze aphumelele uSinalo abuthathe ubuntombi bukaSbongile aqhubeke nokuzijabulisa baze baqede. Aqale athuke acabange ukuthi uzomuthukuthelela kepha amubone ekahle, azithembise naye ukuthi ngeke adlale ngaye uyamuthanda uSbongile. Makaphaphama phakathi  nobusuku baphinde futhi balale……

***KWAKHUMALO***

Gogo:"Washesha ukubuya wena ngikuthumile angithi?"

Isilwane:"Sebafohlile ayisekho msulwa lengane."

Athukuthele ugogo azise nomaKhumalo ovele washayela izigebengu zakhe wabanika isthombe sikaSbongile kuthi bamufune bamuthole bamubulale…..

***ISIQEPHU 65***

UNathi makabuyela kwamamSenzi bahlale bakhulume avume ubabMongezi ukuthi nguyena mawakhe. Kungabi bikho okuniki okukhulunywayo aphume noNokuthula bayolinda ngaphandle.

Nathi:”Ngiyaxolisa ngokuhamba.”

Nokuthula:”Ngiyazwisisa mina besengikhalela ingane kasisi.”

Nathi:”Mina ubungangikhaleli?”

Nokuthula:”Kancane.”

Nathi:”Ngicela sicathuzisane kwezothando sibone kusifikisa kuphi?”

Abheke celeni azibonele  uNathi ukuthi unayo indawo enhliziweni yakhe.

Nathi:”Vuma phela hawu.”

Nokuthula:”Wazi ukuba yisiqhwaga emgwaqeni awukwazi nokushela.”

Bahleke bobabili

Nathi:”Uyangizwa kodwa ngithini.”

Nokuthula:”Asicathuzeke.”

Bahagane kuphume abazali bakhe sebavalelisa bahambe……

UMsizi washada  nesithandwa sakhe umndeni wawuphelele uze ngobuningi bonke bahamba nophathina babo. Bashadela endlini yakhe yesonto eyakhiwayo engakapheli ugogo kaNhloso naye sekangugogo okhona ukuzenzela okuningi kuyabonakala ukuthi uNhloso wayebulala ugogo wakhe ngokumdelela. Wabekwa naye endlini yakhe yokugcina.

UPhinda usaboshiwe yonke ingcebo nenyoka kwasha kwangqongqa yena ugwetshelwe lamathambo amantombazane atholakala lapha inyoka ibibakhafulela khona maseyisuthi. Wagwetshwa u100 years ejele.

UMihla wabeletha ingane yomfana yangaphila akazi nokuthi yaphelela kuphi ngoba wayithatha umama Nsizwa azange ingcwatshwe futhi. UNsizwa usaqhubeka nempilo ayiphilayo  akanandaba noMihla uhlala amutshela ujuthi akasiyilutho yakhe kepha

makafuna kulala naye uyalala. Abuye eze namantombazane alale nawo phambi kwakhe.

UDanisile wabuyela ekolishi bamuvumela ukuthi uzoqala ngesemester elandelayo azokwazi ukugqoka ijazi lakhe. Usengumuntu ohlala agula nje wazitshela ukuthi uzoya kudokotela emva komshado wabhuti wakhe wakhohlwa makazizwa ngcono. Sekuphele inyanga yonke angamuboni uDumsane yize azama ukuzibamba kodwa kuyala uyamukhumbula unamahloni okulala naye asashade nomyeni wakhe kepha akanandaba.

USinalo useyasebenza wasigcina isithembiso sakhe walobola isthandwa sakhe namanje basalandelana bayathandana. UbabMongezi nomamGugu abasafihli manje kwazi wonke umuntu ukuthi bangenene futhi bayathandana. UNathi nobabMongezi basahlezi neqiniso noSinalo sekayeka ukubabuza okuningi.

UCebile noLwazi baba nezingane ezingamawele bahalelwa abantu abaningi babuyela eSwalala bahlala khona. Usaqhubeka nokuba umdwebi wezindlu zomyeni wakhe baphinde bakhulise ishishini lamalahle. Bayayikhulisa indlu yabazali babo. UVusi yena sekasele noKhoza nguyena omunakekelayo manje akafuni lutho ngoyise uyaya kuyobona umawakhe naye wamutshela ukuthi sekayitholile indodana yakhe endala bazohlela bahlangane kanye noLwazi.

UmaKhoza naye umamukele ngenhliziyo emhlophe uVusi njengengane yakhe.

UmamSenzi usele eSwalala uyayibuka impilo yakhe udliwa umzwangedwa esiikhathini esiningi uyazisola ngokuthandana nendoda endala eshadile futhi. UKhoza wayemudala nakuye yena waqhutshwa ukusa nje. Kepha akusenani uzayiphila lempilo aze aficwe usuku loluhamba kwakhe kulomhlaba.

UNokuthula noNathi basathandana kanti ingane kasesi wakhe bayiphathisa okweyabo nabo sebathembisana ukuthathana, uNathi usasaba ukwazisa uNokuthula ngabazali bakhe ngoba ubona ngathi ngeke asafuna kuqhubeka naye umyeni kasesi wakhe kanti yena sekamuthanda okwaqiniso.

UMholi wabuyela wGoli ayofuna inkosikazi yakhe babuya baya kwaNkosi bayoxolisa okwesibili sekundlulile konke babaxolela. Namanje usafuna ingane yakhe uMholi akasenabo abantu abaziyo abaningi abangamsiza lokho kwamenza ahlele ukuyocela ubabMongezi kuthi amubhekise ingane yakhe. Uhlele ukuyomucela emva komshado ngoba benza indumezulu yomshado wabo…..

***MIHLA***

Ulinde wabona kuhamba izinyanga uDanisile angacacisi ukuthi wenzanjani ngefa uyalibuyisa noma kanjani. Phela manje uNsizwa ubuya angathenganga lutho makakhala ngendlala umutshela ukuthi akaye kubazali bakhe. Waya kubo wafica ubabomncane wakhe owacishe ukumdlwengula wabuyela kwaNsizwa. Namuhla uvuke wayogibela amatekisi waya eSwalala ufuna uPhinda naku izinto zishabalala esandleni sakhe. Wamangala afika sekuyisiganga kungenamuzi aye kulomuzi okamakhelwane nawo omkhulu athi uyobuza. Kuvuleke isango imoto iyangena umshayeli ehlise ifastela uLwazi umfana owamuvimba agcwele amalahle.

Lwazi:"Ngingakusiza?"

Abambeke angakhoni ukukhuluma

Lwazi:"Uma kungekho ofuna kukusho ngicela udede uzobulawa bonogada la esangweni."

Angenise imoto uLwazi kuphume uCebi endlini ayohaga uLwazi akhumbule ukuthi uLwazi wayethanda yena kepha wamunika inombolo kaCebi. Ababuke beqabulana bayongena endlini.

Mihla:"Uphila impilo yami Cebi ngiyabuya ngizoyithatha."

Abuthe umhlabathi ngasesangweni afulathele nawo awufumbethe esandleni…..

***<u>EMVA KWESONTO</u>***

***<u>MONGEZI NOGUGU 🥀🥀</u>***

Cebi:"Umuhle mama kakhulu futhi."

MamGugu:"Shayela ubaba wakho umuhlole kuthi sekafikile esontweni."

Cebi:"Ngiqeda kumubuza manje mama uthe thatha isikhathi sakho."

MamGugu:"Uphi uSbongile?"

Cebi:"Nangu asondela abeyotshengisa lomuntu kuthi alibekephi ikhekhe."

Sbo:"Mama ungafunga kuthi kushada umongameli akukuhle abantu bangakanani."

MamGugu:"Yini angithi enenze lendumezulu."

Cebi:"Ubaba wathi senze ezibukwayo."

Azibuke futhi

MamGugu:"Yimina lo umfelokazi ozoba nomyeni."

Cebi:"Not just any myeni indoda emadodeni."

Bahleke umamGugu akhiphe indandatho ayifakwa umyeni wakhe uMondli asondele kuye uCebi

Cebi:"Ujabulile ubaba la akhona ujabulele  ukuthi umkakhe ujabule okwangempela."

Bahagane kungene uNokuthula

Nokuthula:"Mama asambeni mina ngeke ngisakulungisa ebusweni waze wakhala la."

Bahleke

Sbo:"Umngani wakho uphi angimubonanga namuhla?"

Nokuthula:"Ngeke usondele duze naye usekhwapheni lamfundisi."

Mabaphuma kungene ucingo inombolo yamkhulu wabo ocingweni lwamamGugu alubambe uCebile.

Cebi:"Hellow."

Butana:"Cebi yimina ngicela kukhuluma nomawakho uMongezi akabambi ucingo."

Ababheke injabulo ekumawakhe akafuni iphazamiseke abuyele egunjini.

Cebi:"Uyazi bayashada namuhla bakude le."

Butana:"Ngicela ubazise ngokushesha ukuthi ubaba nomama bagcotshwe umphakathi ngamatshe baze bashona manje babashisela phakathi endlini. Amaphoyisa abukele inkosi nendlovukazi ayikho bafuna thina sinoSmangela manje siyabaleka asazi silibhekise kuphi."

Athuke uCebi phela ugogo wabo abenothando futhi bayazi bonke ukuthi abethakathiwe ilomkhulu wabo.

Cebi:"Ngizobazisa manje."

Angakaqedi ezwe iphimbo lika anti wakhe likhala kabuhlungu kuthuleke nya emva kwalokho. Makasukuma kungene uAnti wakhe uDeliwe amutshele, amuhage bese umubuka emehlweni.

Deliwe:"Lalela ungaphazamisi abazali bakho ngento enje bayeke bashade kudala balulindile losuku lendaba bazoyizwa makuphela konke siyezwana."

Avume uCebile bazilungise

Deliwe:"Ungakhathazeki ngowele ngibabhekile."

Cebi:"Ngiyabonga anti wami."

Bahambe bayogibela ezimotweni baqonde esontweni mabafika kugcwele esontweni bahle abantu abone nomndeni wakwaMzobe la bahlezi khona abamoyizelele

umamGugu. UNokuthula umulungisa ilokwe lakhe limhlophe alinabala bangene esontweni nakhona kuhlotshisiwe kuhle. Afike phambili ubanjwe indodakazi yakhe amunike ubaba wakhe. Ezwe ubuhlungu uCebi makacabanga lento ayizwile phela ubabMongezi abemuthanda umawakhe bekahlulwa yikho nje ukuthi abengakhoni kumuthatha ngenkani.

Ume namadodana akhe uNathi noSinalo kanye nomkhwenyane kaCebi, abenzise izifungo uMfundisi uMsizi baqede baqabulane. Injabulo ekubo ayidingi kufunwa iyabonakala. Kudliwe kube munandi kushuthwe izithombe, uMzobe elokhu ebuka uNokuthula aze akhulume kumkakhe.

Mzobe:"Nkosikazi kumele sibuyele eMpelazwe."

MaMzobe:"Bazokubulala baba angivumi ngeke mina ngiye lapho nawe futhi awuyi."

Mzobe:"Sengimudala manje."

MaMzobe:"Yingakho kumele ungayi baba siyezwana."

Mzobe:"Awubuke lengane ephithiza celeni kwamkhwenyane."

MaMzobe:"Ngiyibonile ucishe afane noMihla kepha ungalinge ucabange ukuthi indodakazi yethu ngeke basuke kude kanje batholakale la. Khohlwa yileyondawo baba uyangizwa angikwazi kulahlekelwa nguwena."

Ahle akhale uNathi ubabhekile kuthi bayaphikisana makathi uya kubo abone uMzobe athulisa umkakhe angasasondeli naye udliwa isazelo. Uyamuthanda uNokuthula manje ngeke avume nje kuhlukaniswa naye. Luqhubeke usuku kube munandi uDumsane ukhona naye amehlo awasuki kuDanisile wakhe naye sekavele wathela emzimbeni wakhuluphala kepha makamubuka uDumsane muhle kakhulu kunakuqala. UNsizwa ukhona naye ngoba sekahlala azingela uDanisile uze uthi ukhuluphaliswa izimali zakhe kepha usamufisa, ubabMongezi asukume.

BabMongezi:"Namuhla ngingowesilisa ojabulile kakhulu uMdali ungiphe inkosikazi enothando oluyisimanga. Ngiyabonga nani nifike nazosijabulisa kulosuku lwethu olubaluleke kangaka. Umndeni uyanda uyakhulu ngicela siphakamise izingilazi zethu."

Asondele umamGugu baqabulane

Sinalo:"Hhhaaaaa safa madoda kunini."

Bahleke abantu abamuzwayo aphakamise ingilazi

BabMongezi:"Umfowethu wayibona lento wayibhala efeni lakhe kuthi ngimushadele umkakhe. Masiqala ukuzwa sathuka sonke kepha isikhathi masilokhu sihamba uthando lwakheka ngithi kuwe Nkosi mfowethu ulale ngokuthula nangoxolo."

Basukume abamuhloniphayo uMondli baziphakamise izingilazi.

BabMongezi:"Khuluma."

MamGugu:”Abantu abangaka musa ukudlala ngami.”

Baqabulane futhi

Sinalo:”Hayibo kahleni yooo.”

Bahleke abantu badanse  kube munandi bathuswe  ukukhala kwaDanisile makasukuma abanye abamuboni kepha umawakhe noDumsane bamubone uzibambe okhalweni. Asukume njengohlanya uDumsane ezinyaweni zaDanisile kumanzi babukane uyazichamela. Asondele umawakhe uNsizwa naye asondele.

MaKhoza:”Ndodana ngicela umuyise esibhedlela ngisasula la.”

Amuphakamise uDumsane ababone uMsizi noLwazi baphuma nosesi wabo bamuphakamisile. ULwazi uhlezi celeni kwaSinalo babukane balandele nabo bayophoseka ezimotweni balandele uDumsane. Angazibeki phansi noNsizwa alandele.

Dumi:”Kwenzenjani?”

Dani:”Angazi kubuhlungu nje.”

UDumsane abesamuncoma ubuhle ngenhliziyo uthelile nasemzimbeni kakhulu futhi, bafike esibhedlela bamuphuthumise. Babematasa naye unesi aphume basondele kuye uMsizi usazibuza ukuthu ubhuti womkakhe ufunani la, naye umamYoliswa umangele.

Nesi:”Ubani uDumsane?”

Asondele isigqoko sekasifonyoze saba sincane ngezandla

Nesi:”Uyakufuna uDanisile.”

Babukane angabe asababheka yena aqonde ewodini athuke uDanisile uvuliswe imilenze uyakhala makangena alule isandla. UNsizwa naye azibuze ukuthi uDumsane sekavumbuka kuphi manje azobizwa uDanisile.

Dani:”Dumsane bathi ngiyateta angazi ngikhulelwe kanjani besisebenzisa amacondom angithi.”

Ahleke udokotela aqhubeke nomsebenzi wakhe

Dumi:”Ubukhulelwe?”

Dani:”Cha.”

Dokotela:”Yebo ubukhulelwe nayi ingane iyavela.”

Akhale aze aqede kubeleletha uDanisile akakazi ukuthi kwenzakalani uDumsane uyazibuza ukuthi ingane yomyeni wakhe na. Udokotela amunike iskelo kuthi asike naye asike la akhonjwa khona.

Amunike udokotela avele athambe enhliziweni uDumsane makabona lengane. Bamulungise nengane bayithathe aphume uDumsane wonke amehlo amubhekile

sekufike nabazali bakaDanisile bobabili, nabobhuti bakhe bonke. UMholi sekahamba ngenduku ukanye nomkakhe.

Khoza:”Yewena mfana kungani indodakazi yami ibize wena? Kwenzakalani lapha phakathi?’

UmamYoli sekazibonele kwezakhe manje ukhulekela ukuthi ikahle indodakazi yakhe. Ahlale phansi uDumsane usesi wakhe asondele kuye amubheke.

MamYoli:”Bhuti.”

Uyakhala bandla uDumsane

Dumsane:”Sisi umfana uthole ingane yomfana.”

Mholi:”UDanisile abekhulelwe kanti?”

Babukane abazali abe namahloni umaKhoza, uNsizwa asondele kakhulu.

Khoza:”Manje wena ubufunani phakathi.”

Aqhamuke unesi nengane seyigqokiswe nezimpahla zasesibhedlela.

MamYoli:”Ingane yakho yini bhuti?”

Asukume alandele inesi uDumsane afike ahlale celeni kwaDanisile, alandele uNsizwa eme emnyango abukele abamuboni.

Dumi:”Dani.”

Dani:”Ingane yakho le Dumsane ngiyazi ungacabanga  ukuthi eyakaNsizwa. Mina selokhu ngaphuma ejele asikaze sihlangane noNsizwa. Eyakho wedwa I mean ingane yethu.”

Dumi:”Indodana yethu?”

Dani:”Awuboni inekhanda elingakanani.”

Dumi:”Kungani ubungangitsheli?”

Dani:”Nami bengingazi.”

Akhale uDumsane abuke uDanisile

Dumi:”Ngicela ungitshele kuthi uyangithanda.”

Dani:”Ngiyakuthanda babakhe selokhu ngakutshela eqaleni namanje ngisasho ngiyakuthanda Dumsane nginesiqiniseko futhi.”

Dumi:”Kumele ngibaleke ngiyolungisa uzongishaya ubaba wakho namuhla.”

Baqabulane kungene umndeni wonke uNsizwa azibambe ekhanda kwehle nezinyembezi phela losana akudingi ulibuzise liyafana naloDumsane uqala ngekhanda kanye nalobumnyama.

Khoza:"Yewena mfana, Danisile."

Dani:"Nangu umzukulu wakho baba."

Abheke phansi uDumsane asondele naye makabuka ingane yendodakazi yakhe emva kokuthukwa kangaka inhliziyo ithambe. UDumsane athwale isigqoko asibeke emehlweni abheke phansi. UKhoza makamubheka anikine ikhanda akhumbule mhla emutshela ukuthi umuntu othandwa inhliziyo yakhe ushadile.

Khoza:"Ukube legama akusilo lakwaNkosi bengizothi uSinalo emva kwakho konke sinalo ithemba."

Sinalo:"Anginankinga mina baba uzofuza mina."

Khoza:"Hayi uzohlanya njengawe umzukulu wami lo, umfana wamkhulu. Ntuli angifuni nokwazi ukuthi kwenzekani sukuma njengendoda anginayo ingane yokudlalwa mina."

Abheke phansi uDumsane namanje umangele usesi wakhe benoMsizi, akayeki ukukhala kodwa. Baze babakhiphe bahambe bonke uDumsane asale, uNsizwa acashe mabaphuma aphinde abuyele ayoma emnyango ababukele. USinalo bamushiye kubo ngoba ulandelile ngenxa yokuthanda izindaba. Angene abhodele ngale kwendlu kuqala achame makasuka ezwe amaphimbo abheke aqhamuka ngasezimbalini ohhhh uNathi kanye nobabMongezi.

Makaqeda asondele

BabMongezi:"Ndodana tshela uNokuthula umuyise kubazali bakhe bayahawula."

Nathi:"Ngizokwenza lokho baba."

BabMongezi:"Siyahamba kusasa uGugu uzobuya sekalazi lonke iqiniso."

Nathi:"Iqiniso lani manje baba nawe kujatshuliwe."

BabMongezi:"Ngifuna uSinalo noCebile bazazi ukuthi bazalwa yimina angifuni ukufa nalemfihlo ndodana."

Athuke uSinalo abuyele emuva azibuze kanjani kungenzeka umawakhe kudala batshontshana nobabMongezi angazi uMondli. Angene endlini umawakhe sekayikhumulile ingubo yomshado amubheke umawakhe muhle vele angabahlanyisa bantwana bomuntu. Eme phambi kwabo kwehle izinyembezi asukume umamGugu azame kumubamba anqabe.

Sinalo:”Ulala kanjani nabantwana bomuntu mama bese unika omunye izingane zomunye. Wenza ubufebe ngathi.”

Amushaye ngempama umamGugu kungene ubabMongezi benoNathi, ashaye izandla uSinalo makababona balandela.

Sinalo:”Ngishaye ungibulale kwazi bani mhlawumbe nguwena owabulala ubaba nalesoka lakho, uyisifebe ma.”

Manje ashawe uDeliwe asondele uNathi amubambe ngempahla

Nathi:”Usangene wena?”

Sinalo:”Ngiyeke angithi wena uyayazi imfihlo.”

BabMongezi:”Muyise egunjini lakhe ngingakambulali lo.”

Sekathulisa umamGugu okhalayo akakaze amuthuke ngalohlobo uSinalo unani na.

Sinalo:”Ngiyeke maaan hlukana nami.”

BabMongezi:”Yini inkinga yakho wena?”

MamGugu:”Sinalo.”

Sinalo:”Nami ngidabukile ukuzwa ngezimfihlo.”

MamGugu:”Izimfihlo zani?”

Sinalo:”Ukuthi mina noCebi sizalwa nguwe noMongezi, uMondli bekungasiye ubaba wethu ma yini kanti. Sonke lesikhathi uyasibukanje mina Anti uyangibona mina ngiyindodana kaMongezi noCebile yindodakazi yakhe uNathi uyakwazi lokho. Uyezwa anti asizalwa ubhuti wakho ongasekho sizalwa ubhuti wakho lo.”

Afulathele akhala uSinalo amubambe ubabMongezi azame ukulwa amubambe ngenkani aze angasalwi sebawele naphansi umamGugu ubabukile.

BabMongezi:”Ngiyaxolisa ndodana umawakho akazi lutho ngicela wehlise umoya mfanami.”

Sinalo:”Ngiyekele.”

UCebile umele kude uyakhala naye aye kuye uNathi amubambe

BabMongezi:”UMondli walinyazwa ubabomdala isingasese sakhe besingasebenzi nhlobo wase uthanda umawakho bathandana. Kwaba nzima masekumele baye ekamereni ilapho uMondli angicela khona ngoba ngiyazi inkinga yakhe ndodana.”

Sinalo:”Shit shit maaaan ninjani ninobaba?”

BabMongezi:”Uma ufuna ukuthuka umuntu thuka mina nobaba wakho, yimina ebengilala nomawenu kwakudala kodwa bekucinywa ugesi yena angazi.”

Sinalo:”Ngiyeke baba.”

BabMongezi:”Ngiyaxolisa ndodana.”

Amuyeke makaphakamisa amehlo uCebi uyakhala uSinalo afulathele.

Sinalo:”Ngiyaxolisa ma.”

Aphume ngomnyango uSinalo amulandele uCebile bangene emotweni bahambe.

BabMongezi:”Nkosnathi izingane zami.”

Aphume naye athathe isithuthuthu abalandele ngaso.

BabMongezi:”Gugu.”

MamGugu:”UNathi indodana kabani?”

BabMongezi:”Eyami.”

MamGugu:”Mongezi angikaze nje mina ngilale nomyeni wami bekunguwe sonke lesikhathi singashadanga?”

BabMongezi:”Uyakhumbula ngosuku lomshado wakho kwacima ugesi?”

MamGugu:”Yebo.”

BabMongezi:”UMondli wacisha ugesi kuthi wenze nami izifungo, yonke leminyaka wena washo izifungo zakho kimi nami ngakuthembisa kukunakekela. Kudala uyinkosikazi yami Gugulami.”

MamGugu:”Angikaze ngibe umfelokazi?”

BabMongezi:”Awukaze.”

MamGugu:”Mana ebusuku abengivakashela uMondli aqeda kushona.”

BabMongezi:”Ubungizwisa ubuhlungu mawukhala bekuyimina.”

Afulathele umamGugu ayongena egunjini lakhe aphume sekagqoke ibhlukwe elimnyama nesikibha aphethe isibhamu ngesandla, akhombe ubabMongezi.

BabMongezi:”Gugu.”

Athwale izandla ekhanda uDeliwe.

MamGugu:”Sonke lesikhathi ngingumfelokazi onomyeni ubungibuka ngikulangazelela wazi ukuthi ngilangazelela wena kodwa mina ngicabanga ukuthi uMondli kanti cha. Namuhla ngizoba umfelokazi wangempela.”

BabMongezi:”Deliwe ningamubophisi masekangibulele isthandwa sami lesi ngeke ngilale ngokuthula asejele.”

Deliwe:”Gugu.”

BabMongezi:”Ngiyakuthanda Gugulami.”

Ziyehla izinyembezi kumamGugu udidekile kwenzakalani kuye ukhala nje isibhamu usasiphakamisile. Kuzwakale ukuduma kwemoto abazi noma izingane zabo, eme ubabMongezi babukane naye akhale. Zingene zontathu izingane zabo

Cebi:”Mama.”

Asondele kancane ubabMongezi akhale umamGugu aze asibambe isibhamu amuphuce sona asinike uSinalo. Amuthulise akhale bagcine sebakhala bonke endlini, amuqabule esiphongo babukane.

Sinalo:”Baba ngiyazwisisa futhi ngiyaxolisa.”

Bonke bahagane

BabMongezi:”Fakani izikhwama zethu emotweni Gugulami sesihamba manje.”

Bazilande abafana bayobafakela emotweni amuphakamise ubabMongezi umkakhe ayomufaka emotweni. Zilandele izingane zibabukile.

BabMongezi:”Nathi ngizokuphelezela mangibuya ukuya kwaMzobe.”

Nathi:”Kulungile baba.”

Ayogibela emotweni ayisuse basale behagana bodwa izingane zomfelokazi onomyeni…….

***<u>Ingabe sekuwukuphela komshado waBabMongezi kanye nomamGugu lo?</u>***

***<u>UNokuthula ungusesi kaAmanda ngempela?</u>***

***<u>Umama ozala uLwazi umamSenzi kanti umama ozala uNathi umamSenzi, ingabe bangabobhuti na?</u>***

_______***Season 3 loading***____________